New Testament
isiZulu Language

IsiZulu – Bible – New Testament

New Testament	
Umatewu	3
Umarko	73
Uluka	118
Ujohane	192
Imisebenzi	246
ElaseRoma	314
1 KwelaseKhorinte	344
2 KwelaseKhorinte	373
AseGalathiya	392
ElasEfesu	403
ElaseFiliphi	413
ElaseKholose	421
1 KwelaseThesalonika	428
2 KwelaseThesalonika	434
1 KuThimothi	438
2 KuThimothi	446
UThithusi	452
UFilimoni	456
AmaHebheru	458
EkaJakobe	480
1 KaPhetro	488
2 KaPhetro	496
1 KaJohane	501
2 KaJohane	509
3 KaJohane	510
EkaJudsi	512
IsAmbulo	515
AmaHubo (Psalms)	548

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

IsiZulu – Bible – New Testament

UMatewu

UMatewu 1

Uhla lokhokho bakaJesu Kristu

(Luk 3:23-38)

1Nantu uhla lokhokho bakaJesu onguMesiya, wozalo lukaDavide inkosi, owayengowozalo luka-Abhrahama.

2UAbhrahama wazala uIsaka; uIsaka wazala uJakobe; uJakobe wazala uJuda nabafowabo.

3UJuda wazala oPherezi noZera kuThama; uPherezi wazala uHezroni; uHezroni wazala uRamu;

4uRamu wazala uAminandaba; uAminandaba wazala uNahashoni; uNahashoni wazala uSalimoni;

5uSalimoni wazala uBhowazi kuRahabhu; uBhowazi wazala uObhedi kuRuthi; uObhedi wazala uJese;

6uJese wazala inkosi uDavide. UDavide wazala uSolomoni kowesifazane owayekade engumkaUriya;

7uSolomoni wazala uRehobhowamu; uRehobhowamu wazala uAbhiya; uAbhiya wazala uAsa;

8uAsa wazala uJosefathi; uJosefathi wazala uJoramu; uJoramu wazala u-Uziya;

9u-Uziya wazala uJothamu; uJothamu wazala uAhazi; uAhazi wazala uHezekiya;

10uHezekiya wazala uManase; uManase wazala uAmoni; uAmoni wazala uJosiya;

11uJosiya wazala uJekhoniya nabafowabo ngenkathi abakwaIsrayeli bethunjwa besiwa eBhabhiloni.

12Kwathi sebethunjelwe eBhabhiloni, uJekhoniya wazala uSalathiyeli; uSalathiyeli wazala uZerubhabheli;

13uZerubhabheli wazala uAbhiyudi; uAbhiyudi wazala uEliyakhimu; uEliyakhimu wazala uAzori;

14uAzori wazala uZadoki; uZadoki wazala uAkhimu; uAkhimu wazala uEliyudi;

15uEliyudi wazala uEleyaza; uEleyaza wazala uMathani; uMathani wazala uJakobe.

16UJakobe wazala uJosefa, indoda kaMariya ongunina kaJesu okuthiwa nguMesiya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Ngakhoke umumo wezizukulwane zonke kusukela kuAbhrahama kuze kufike kuDavide zaziyishumi nane; nalezo ezisukela kuDavide kuze kube yisikhathi sokuthunjwa kwesizwe sithuthelwa eBhabhiloni zaziyishumi nane, nalezo ezisukela kulesosikhathi kuze kufike kuMesiya zaziyishumi nane.

Ukuzalwa kukaJesu Kristu

(Luk 2:1-7)

18Ukuzalwa kukaJesu Kristu kwema kanje: Unina uMariya wayeyingoduso kaJosefa bezoshada. Kepha bengakashadi kwatholakala ukuthi uMariya usekhulelwe ngoMoya oyiNgcwele kaNkulunkulu.

19UJosefa owayezoba ngumyeni wakhe wayengumuntu oqotho; akathandanga ukumthela ngehlazo uMariya. Wayesebona ukuthi kungakuhle ukuba amale ngasese angakuvezi.

20Kuthe esetshisa lemicabango wabona ingilosi yeNkosi ifika kuye ngephupho elele ithi: “Josefa, wena kaDavide! Ungesabi ukumthatha uMariya abe ngumkakho! Lomntwana amthweleyo umkhulelwe ngesu loMoya oyiNgcwele.

21UMariya uyozala indodana uyiqambe igama uthi nguJesu, ngoba iyosindisa abantu bayo ezonweni zabo.”

22Konke lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo nguSimakade endulo ngomlomo womphrofethi kwathiwa:

23“Intombi esagcwele iyokhulelwa izale indodana bayethe igama bayibize ngelokuthi nguImanuweli” (okusho ukuthi: “UNkulunkulu unathi”).

24UJosefa wavuka wakwenza lokho ayekuthunywe yingilosi yeNkosi. Wathatha uMariya waba ngumkakhe,

25kepha akaze aya kuye engakabelethi. UMariya wazala indodana, uJosefa wayiqamba wathi nguJesu.

UMatewu 2

Ukufika kwezazi zasempumalanga

1UJesu wazalelwa emzini waseBhetlehema kwelaseJudiya ngenkathi kubusa inkosi uHerodi. Kuthe esezelwe kwase kufika eJerusalema amadoda ayizingcweti zokusinga izinkanyezi. Ayevela kwelasempumalanga ehamba

2ebuza ethi: “Uphi umntwana ozelweyo oyinkosi yamaJuda na? Sabona inkanyezi ebikezela ngaye iphuma empumalanga; silapha nje sizomkhonza.”

3Kwathi ukuba inkosi uHerodi ikuzwe lokhu, yangenwa yitwetwe kanye nabo bonke abaseJerusalema.

4Yamema imbizo yazo zonke izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zamaJuda. Yabaphenya ibuza ukuthi umgcotshwa kaNkulunkulu uyozalelwaphi na.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Bayiphendula bathi: “EBhetlehema kwelaseJudiya, njengoba kulotshwe ngesandla somphrofethi embhalweni ongcwele kwathiwa:

6“ ‘Wena Bhetlehema muzi wakwaJuda, awumncane neze kunabanye phakathi kwababusi bakwaJuda, ngoba kuwe kuyovela umbusi oyokwelusa uIsrayeli abantu bami.’ ”

7UHerodi wayesezibizela ngasese izazi zasempumalanga, waziphenyisisa ukuthi inkanyezi yabonakala nini.

8Wayesezithumela eBhetlehema, ethi kuzo: “Hambani nifike niphenye kahle ngalomntwana! Nithi ningamthola bese ningibikela ukuze nami ngiyomkhonza.”

9Inkosi yakhuluma yaqeda, izazi zemuka. Inkanyezi leyo ezaziyibone iphuma empumalanga zayibona futhi ihamba phambi kwazo yaze yema phezu kwendawo lapho umntwana ekhona.

10Kwathi zingayibona inkanyezi zajabula kakhulu kabi.

11Zase zingena endlini, zabona umntwana nonina uMariya. Zaguqa zakhuleka kumntwana, zathukulula imixhaka yazo, zakhipha izipho zazethula kuye zamkhunga ngazo: igolide nempepho nenhlaka engamakha.

12UNkulunkulu wazixwayisa ngephupho ukuba zingabe zisabuyela enkosini uHerodi, zase zithatha enye indlela zaphindela kwelakubo.

OJosefa babalekela kwelaseGibhithe

13Kuthe sezihambile izazi, uJosefa wabona ingilosi yeNkosi ifika kuye ngephupho ithi: “Vuka uthathe umntwana nonina, ubalekele kwelaseGibhithe, uhlale khona uze utshelwe yimina ukuthi usungabuya. Ngoba uHerodi uzomcinga umntwana uhlose ukumbulala.”

14UJosefa wavuka, wathatha umntwana nonina, bashushumba kwesikabhadakazi beqonde eGibhithe.

15Bafike bahlala lapho kwaze kwakhothama uHerodi. Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa nguSimakade endulo ngomlomo womphrofethi lapho kuthiwa: “Ngabiza iNdodana yami ngathi ayiphume eGibhithe.”

Ukubulawa kwabantwana eBhetlehema

16Kwathi ukuba uHerodi abone ukuthi izazi zimphambile, wathukuthela wabila. Wayeselawula ukuba kuyiwe eBhetlehema nasezindaweni ezakhelene nalo, kubulawe bonke abantwana abangabafana abaneminyaka emibili ubudala nabangaphansi kwalokho. Wakwenza lokhu esusela esikhathini sokubonakala kwenkanyezi ayesitshelwe yizazi.

17Kwase kugcwaliseka okwashiwo ngomlomo womphrofethi uJeremiya kwathiwa:

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18“Emzini waseRama kwezwakala izwi lokhalayo ekhihla isililo. URasheli wayekhalela abantabakhe, enqaba nokwenqaba ukuba aduduzwe, njengoba base befile.”

OJosefa babuya kwelaseGibhithe

19Kuthe lapho inkosi uHerodi isikhotheme, uJosefa wabona ingilosi yeNkosi ekwelaseGibhithe, ifika kuye ngephupho

20ithi: “Vuka uthathe umntwana nonina, ubuyele ezweni lakwaIsrayeli, ngoba sebefile labo ababesophe ukubulala umntwana.”

21UJosefa wavuka, wathatha umntwana nonina wabuyela kwelakwaIsrayeli.

22Wezwa ukuthi inkosi uAkhelawo isibusa isifunda saseJudiya esikhundleni sikayise uHerodi, wesaba ukuya lapho. UNkulunkulu wamfikela ngephupho elamenza ukuba adlulele esifundeni saseGalile.

23Wafike wakha emzini okuthiwa yiNazaretha. Phela kwakumele kugcwaliseke kanjalo okwashiwo ngomlomo wabaphrofethi ukuthi uyobizwa kuthiwe ungumNazaretha.

UMatewu 3

Ukushumayela kukaJohane umbhabhadisi

(Mark 1:1-8; Luk 3:1-18; Joh 1:19-28)

1Kuhambe kwahamba kwavela uJohane umbhabhadisi eshumayela ehlane laseJudiya ethi:

2“Phendukani ngoba umbuso wezulu usondele.”

3Nguye uJohane okwabikezelwa ngaye ngomlomo womphrofethi uIsaya lapho kuthiwa: “Kukhona ozwakala enkenteza ehlane ethi: ‘Cabelani iNkosi indlela niqondise nemikhondo yayo! ’ ”

4UJohane wayenesembatho esenziwe ngoboya bekameli, ezibopha ngoqhotho okhalo, ephila ngezinkumbi nezinyosi zasendle.

5Abantu baphuma bonke belokhu beya kuye, bevela emzini waseJerusalema nasesifundeni saseJudiya nasezweni eligudla emfuleni iJordani.

6Babevuma izono zabo, uJohane abesebabhabhadisa eJordani.

7Wabona abaningi kubafarisi nakubasadusi beza kuye ukuba babhabhadiswe, wathi kubo: “Nzalo yezinyoka! Nixwayiswe ngubani lona onitshele ukuthi ningase nilubalekele ulaka lukaNkulunkulu oluzonehlela na?

8Vezani-ke izithelo zokulunga ezifakazela ukuphenduka kwenu!

9Ningazikhohlisi nizidude ezinhliziyweni zenu nithi: ‘Hhiya, singabozalo luka-Abhrahama thina.’ Ngithi kini, uNkulunkulu angavusela uAbhrahama lawamatshe abe uzalo lwakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Izembe selibekiwe eziqwini zemithi. Yilowo nalowomuthi ongavezi izithelo ezinhle uyogawulwa uphonswe emlilweni.

11Nginibhabhadisa ngamanzi nina eniphendukayo. Kodwa lowo ozongilandela unamandla kunami. Angifanele ngisho nokumkhumula izicathulo. Uzonibhabhadisa ngoMoya oyiNgcwele nangomlilo.

12Unjengomuntu ohlezi ephethe isiqabetho sakhe sokwela, ezohlunga isivuno esibuyeni, aqoqele ukudla enqolobaneni, amakhoba awashise emlilweni ongacimiyo."

Ukubhabhadiswa kukaJesu
(Mark 1:9-11; Luk 3:21-22)

13UJesu wafika eJordani evela kwelaseGalile, ezobhabhadiswa nguJohane.

14Kodwa uJohane wazama ukumenqabela ethi: "Yimi engifanele ukubhabhadiswa nguwe, ungeza kanjani kimi na? "

15UJesu wamphendula wathi: "Kuyeke kwenzeke ngoba kumele siyifeze kanje inhloso kaNkulunkulu." Wavuma-ke uJohane.

16UJesu wabhabhadiswa maqede waphuma emanzini. Izulu lase livuleka, uJesu wabona uMoya kaNkulunkulu wehlela kuye usajuba ngesimo.

17Kwezwakala izwi livela ezulwini lithi: "Lo uyiNdodana yami engiyithandayo. Ngiyathokoza ngayo."

UMatewu 4

Ukulingwa kukaJesu
(Mark 1:12-13; Luk 4:1-13)

1UMoya oyiNgcwele wahola uJesu wamusa ehlane ukuba alingwe nguSathane.

2UJesu wayesezile ukudla izinsuku ezingamashumi amane nobusuku bazo, wagcina eselambile.

3Kwafika lapho umlingi onguSathane, wathi: "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho kulawamatshe aguquke abe yizinkwa! "

4Wamphendula wathi: "Kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: 'Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa, kepha uphila ngawo onke amazwi omlomo kaNkulunkulu.' "

5USathane wamthatha wamletha emzini ongcwele iJerusalema, wafika wamkhweza wema esiqongweni sethempeli,

6wathi kuye: "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, gxuma uziphonse phansi, ngoba kulotshiwe kwathiwa: " 'UNkulunkulu uyothuma izingilosi zakhe zikusingathe zikuthwale ngezandla, hleze unyawo lwakho luqhuzuke etsheni.' "

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7UJesu wamphendula wathi: “Kepha kulotshiwe futhi kwathiwa: ‘Ungamqali uSimakade uNkulunkulu wakho! ’ ”

8USathane wabuye wamenyusela esiqongweni sentaba ende kakhulu wamkhangisa ngayo yonke imibuso yomhlaba nobukhazikhazi bayo,

9wathi kuye: “Ngiyokupha konke lokhu uma ungikhothamela ukhuleka kimi.”

10UJesu wathi kuye: “Suka Sathane! Kulotshiwe kwathiwa: ‘Wokhuleka kuSimakade uNkulunkulu wakho, ukhonze yena yedwa.’ ”

11USathane wamshiya; izingilosi zaya kuJesu zafike zambungaza.

UJesu uqala umsebenzi wakhe eGalile

(Mark 1:14-15; Luk 4:14-15)

12Kuthe ukuba uJesu ezwe ukuthi uboshiwe uJohane umbhabhadisi, wasuka waya kwelaseGalile.

13Washiya eNazaretha, wadlulela emzini waseKhaphenawume ongasogwini lwechibi laseGalile ezweni lakwaZabuloni nakwaNaftali, wahlala khona.

14Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngomlomo womphrofethi uIsaya kwathiwa:

15“Wena lizwe lakwaZabuloni nawe lizwe lakwaNaftali! Nina eningasemgwaqweni ogudla ichibi nani eningaphesheya komfula iJordani! Wena Galile, sifunda sabezizwe!

16Abantu abebehlala emnyameni bakhangwe ukukhanya okukhulu; abebehlala kwelesigayegaye sethunzi lokufa ukukhanya kubakhanyisele.”

17Kusukela ngalesosikhathi uJesu waqala ukushumayela ethi: “Phendukani ngoba umbuso wezulu usondele.”

UJesu ubiza abadobi ukuba babe ngabalandeli

(Mark 1:16-20; Luk 5:1-11)

18Kwathi uJesu ehamba egudla ichibi laseGalile, welamela izelamani ezimbili, uSimoni okuthiwa nguPhetro kanye noAndreya, bedoba izinhlanzi ngenetha, nakhu phela babengabadobi.

19Wayesethi kubo: “Wozani ningilandele! Ngizonifundisa ukudoba abantu.”

20Bashiya amanetha khona lapho, baba ngabalandeli bakhe.

21UJesu wadlulela phambili, welamela ezinye izelamani ezimbili, uJakobe noJohane, amadodana kaZebedi. Babenoyise esikebheni belungisa amanetha abo. Wababiza,

22basishiya khona lapho isikebhe noyise, bamlandela.

UJesu uyashumayela uphilisa abaningi

(Luk 6:17-19)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23UJesu waliguduza lonke elaseGalile, efundisa emasinagogeni abo, eshumayela indaba ethokozisayo yombuso kaNkulunkulu, ephilisa abantu abagulayo ezifweni ezinhlobonhlobo.

24Udumo lwakhe lwanda kulo lonke elaseSiriya, abantu bayisa kuye bonke abagulayo ababephethwe yizifo ngezifo nezinhlungu, ababenamadimoni nababenesithuthwane nababefe uhlangothi, wabaphilisa bonke.

25Izindimbane zabantu zamlandela, ziqhamuka kwelaseGalile nasezweni elimanxuluma ayishumi naseJerusalema nakwelaseJudiya nasezweni elingaphesheya komfula waseJordani.

UMatewu 5

Intshumayelo kaJesu entabeni: Mat 5-7

1UJesu wabona izindimbane zabantu, wayesenyukela entabeni. Wafike wahlala phansi, abafundi bakhe basondela kuye.

2Wabafundisa wathi:

Ababusisiweyo
(Luk 6:20-23)

3“Babusisiwe abampofu ngokomoya, ngoba umbuso wezulu ungowabo.

4Babusisiwe abalilayo, ngoba bayoduduzwa.

5Babusisiwe abamnene ngoba bayodla ifa lezwe elizayo.

6Babusisiwe abalambele ukulunga bekomele, ngoba bayosutha baneliswe.

7Babusisiwe abanesihawu, ngoba bayohawukelwa.

8Babusisiwe abanhliziyo zabo zihlanzekile, ngoba bayombona uNkulunkulu.

9Babusisiwe abalamulayo, ngoba bayothiwa bangamadodana kaNkulunkulu.

10Babusisiwe abahlushwa ngenxa yokulunga, ngoba umbuso wezulu ungowabo.

11“Nibusisiwe lapho abantu benithuka, benihlupha, benibheca ngokuningi okungamanga, bekwenza ngesizathu sokuthi ningabami.

12Jabulani nithokoze, ngoba nihlalelwe umvuzo omkhulu ezulwini. Yiyo lendlela okwakuhlushwa ngayo abaphrofethi abanandulelayo.

Usawoti nokukhanya
(Mark 9:50; Luk 14:34-35)

13“Nina ningusawoti kubantu bomhlaba. Kepha uma usawoti usuyisiphusha, ukukhalipha kwawo kuyovuselelwa ngani na? Awusenamsebenzi walutho uvele uchithwe phandle, abantu bawunyathele.

14“Nina ningukukhanya emhlabeni. Umuzi owakhiwe entabeni awunakusitheka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Akokhelwa isibani bese sisithwa ngomcengezi, kodwa sichwanekwa endaweni
ephakemeyo ukuba sibakhanyisele bonke abasendlini.

16Kanjalo ukukhanva kwenu akugqame phambi kwabantu, ukuba babone okuhle
enikwenzayo bamdumise uYihlo osezulwini.

UJesu nomthetho

17“Ningazikhohlisi nithi ngazochitha umthetho kaMose nemfundiso
yabaphrofethi! Angizelanga ukukuchitha lokhu, kodwa ukuba kufezeke.

18Ngiqinisile impela ngithi kini: Inqobo nje uma izulu nomhlaba usekhona, ngeke
kwadlula kwangwaqa omncane nachashazana nje lakhe elilotshiwe emthethweni,
inhloso yakho konke ingakafezeki.

19Ngakhoke, lowo ochitha ngisho nowodwa walemiyalelo yize umncane,
akhuthaze nabanye ukuba bawuchithe, kuyothiwa ungomncane kunabo bonke
embusweni wezulu. Kepha lowo oyigcinayo, akhuthaze nabanye ukuba bayigcine,
kuyothiwa mkhulu embusweni wezulu.

20Ngithi kini, uma ukulunga kwenu kungakwedluli okwezazimibhalo nabafarisi,
anisoze namukelwa embusweni wezulu.

Ukuthukuthela

21“Nizwile ukuthi abasendulo bashayelwa umthetho othi: ‘Ungabulali; lowo
obulalayo uyomiswa phambi komahluleli.’

22Mina-ke ngithi kini: Yilowo nalowo othukuthelela umfowabo uyomiswa phambi
komahluleli; lowo othi kumfowabo: ‘Lesisilima lesi! ’ uyomiswa esigcawini phambi
komkhandlu. Lowo othi umfowabo uyisiwula uyolahlwa yicala aphoswe
esihogweni.

23Ngakhoke uma uya elathini ukuyokwethula umnikelo kuNkulunkulu,
ubusukhumbula ukuthi anizwani nomzalwane wakho,

24shiya umnikelo wakho ngaselathini uphuthume kumzalwane wakho ubuyisane
naye! Ubusuphindela emuva uyokwethula umnikelo wakho kuNkulunkulu.

25“Shesha ubuyisane nomuntu okumangalelayo, lapho nisesendleleni nibheke
esigcawini, angaze akufake emthethweni kumahluleli, umahluleli akunikele
esikhonzini sikubophe.

26Ngiqinisile uma ngithi, uyoboshwa uze uyikhokhe yonke inhlawulo ngisho
nesenti layo.

Ukuphinga

27“Nizwile ukuthi kwakunomthetho othi: ‘Ungaphingi! ’

28Mina-ke ngithi kini: Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanukele, usevele
unecala lokuphinga ngenxa yalowomcabango ofike enhliziyweni yakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Uma iso lakho lesokunene likukhubekisa uphambuke endleleni kaNkulunkulu, likipilite ulilahle! Kungcono ukuba ulahlekelwe yisitho esisodwa somzimba kunokuba umzimba wakho wonke uphoswe esihogweni.

30Uma isandla sakho sokunene sikukhubekisa, sinqume usilahle! Kungcono ukuba ulahlekelwe yisitho esisodwa kunokuba umzimba wakho wonke uye esihogweni.

Isahlukaniso
(Mat 19:9; Mark 10:11-12; Luk 16:18)

31“Kwakunomthetho futhi othi: ‘Yilowo nalowo ochitha umkakhe, kumele ambhalele incwadi yesahlukaniso.’

32Mina-ke ngithi kini: Yileyo naleyondoda echitha umkayo, engenacala lokuphinga, iyoba necala lokumphingisa uma esegana enye indoda, naleyondoda ayiganayo iyaphinga.

Ukufunga

33“Nezwa nokuthi abasendulo bashayelwa umthetho othi: ‘Ungawafungi amanga! ’ nothi: ‘Gcina izifungo zakho ozifunge kuSimakade! ’

34Mina-ke ngithi kini: Ningafungi nakanye! Ningalifungi izulu, ngoba liyisihlalo sobukhosi bukaMvelinqangi.

35Ningawufungi umhlaba, ngoba uyisenabelo sezinyawo zakhe. Ningalifungi iJerusalema, ngoba lingumuzi weNkosi yamakhosi.

36Ungalifungi ngisho nekhanda lakho, ngoba awukwazi ukuguqula nolulodwa unwele lube mhlophe kumbe lube mnyama.

37Anothi ‘yebo’ kumbe nithi ‘qha’, kuphele lapho, ngoba uma nigomela kusuke sekuvela kuSathane.

Ukuphindisa
(Luk 6:29-30)

38“Nezwa nokuthi kwathiwani uma kwenzekile nalimazana. Kwathiwa inhlawulo ayibe yiso ngeso, izinyo ngezinyo.

39Mina-ke ngithi kini: Ningamelani nalowo onenza okubi! Uma kukhona okumbibiza esihlathini sokunene, mphendulele nesinye asishaye naso!

40Uma kukhona ofuna ukukufaka emthethweni adle isembatho sakho, myeke athathe nengubo!

41Uma kukhona okuphoqa ukuba uhambe naye ibanga elithile elimisiweyo umthawalele impahla, qhubeka uhambe naye nelinye lesibili!

42Muphe lowo ocela utho kuwe, ungalanduli kumuntu uma efuna ukutsheleka kuwe!

Ukuthanda izitha
(Luk 6:27-28, 32-36)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

43“Nezwa nokuthi kwakunomthetho othi: ‘Wothanda umhlobo wakho, uzonde isitha sakho! ’

44Mina-ke ngithi kini: Anothanda izitha zenu, nibakhulekele labo abanihluphayo.

45Yikhona niyoba ngamadodana kaYihlo osezulwini. Ngoba ukhipha ilanga lakhe, bese libalela phezu kwezonakali nabalungileyo. Izulu lina imvula yakhe phezu kwabaqotho nababi.

46Uma nithanda abanithandayo, mvuzo muni eniyowuthola kuNkulunkulu na? Angithi nabathelisi bayakwenza lokho?

47Uma nibingelela abahlobo benu kuphela, kukhona yini okwehlukile enikwenzayo na? Abezizwe abangakholwayo abakwenzi lokhu na?

48Kumele nilunge ngempela njengalokhu uYihlo osezulwini elungile.

UMatewu 6

Ukupha abampofu

1“Uma nenza imisebenzi elungileyo, qaphelani ukuba ningayenzi phambi kwabantu bayibone. Uma niyiqhakambisa kubantu, anisayikuthola mvuzo kuYihlo osezulwini.

2“Ngakhoke uma upha abampofu, musa ukubukisa ngakho, njengoba kwenza abazenzisi emasinagogeni nesemigwaqweni ukuba batuswe yizwe. Empeleni sebewamukele umvuzo wabo.

3Uma ngabe usiza abampofu, esokhohlo sakho asingazi lutho ngalokho okwenziwa ngesokudla sakho,

4kodwa yiphana ngesipho sakho ngasese. UYihlo obona ekusithekeni uyokuvuza.

Ukukhuleka

(Luk 11:2-4)

5“Lapho nikhuleka, ningalingisi abazenzisi! Bangonontandakubukwa abakhonze ukukhuleka bemi emasinagogeni nasemigwaqweni. Ngiqinisile uma ngithi, sebewamukele umvuzo wabo.

6Kepha uma ukhuleka, ngena endlini yakho uvale umnyango, ubusukhuleka kuYihlo osekusithekeni. UYihlo obona ekusithekeni uyokuvuza.

7“Lapho nikhuleka ningabothemeleza njengabezizwe abathandaza undendende bethi uNkulunkulu uyobezwa ngalokho.

8Ningabalingisi! UYihlo usuke esekwazi enikuswelayo ningakakuceli.

9Anokhuleka nithi: “ ‘Baba wethu osezulwini! Igama lakho aliphathwe ngobungcwele!

10Umbuso wakho awufike, intando yakho ayenziwe emhlabeni njengasezulwini!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Siphe namuhla ukudla okwaneleyo!

12Sithethelele izono zethu njengoba nathi sibathethelela abasonayo!

13Ungasiholeli ekulingweni, kodwa sisindise kokubi!

[Ngokuba umbuso ungowakho namandla nobukhosi kuze kube phakade. Ameni.’]

14“Ngoba uma nithethelela abantu abanonayo, uYihlo osezulwini uyonithethelela nani.

15Kodwa uma ningabathetheleli abantu, uYihlo osezulwini akayikunithethelela izono zenu.

Ukuzila ukudla

16“Lapho nizila ukudla, ningakhombisi ubuso obunyukubele njengabazenzisi abahamba bebiphile, ukuba babonwe ngabantu ukuthi bazilile. Empeleni phela sebewamukele umvuzo wabo.

17Kodwa uma wena uzila ukudla, geza ubuso bakho uzicole,

18abantu bangaboni ukuthi uzilile, kepha kubonwe kuphela nguYihlo osekusithekeni. UYihlo obona ekusithekeni uyokuvuza.

Ingcebo esezulwini

(Luk 12:33-34)

19“Ningaqongeleli ingcebo lapha emhlabeni, lapho kukhona inundu nokugqwala okungayidla, kukhona namasela agqekeza ebe.

20Kodwa qongelelani ingcebo egcinwa ezulwini, lapho ingeke idliwe khona yinundu nokugqwala nalapho kungagqekezi masela khona ebe.

21Ngoba lapho ugcine khona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyoba lapho.

Iso liyisibani somzimba

(Luk 11:34-36)

22“Iso lakho liyisibani esikhanyisela umzimba. Uma libona kugqame, umzimba wonke usekukhanyeni,

23kepha uma uneso elibi, umzimba wonke usuke usebumnyameni. Uma lokho-ke okukukhanyiselayo kungubumnyama, lobubumnyama bungakanani pho!

UNkulunkulu noMamona

(Luk 16:13)

24“Akukho muntu ongakhonza amakhosi amabili. Kuphakathi kokuba azonde enye athande enye, noma abambelele kwenye, enye ayeyise. Ningekhonze uNkulunkulu kanye noMamona.

Ukukhathazeka

(Luk 12:22-31)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25“Ngakhoke ngithi kini: Ningazikhathazi ngokuthi niyokuthathaphi ukudla eniyophila ngakho nezingubo eniyozembatha! Ukuphila akukukhulu yini kunokudla, nomzimba awedluli izingubo na?

26Ake nibheke nazi izinyoni zindiza! Azilimi, azivuni, azinazo izinqolobane zokubuthela isivuno, nokho uYihlo osezulwini uyazondla. Aniyilo yini igugu elikhulu eledlula izinyoni na?

27Ngubani phakathi kwenu okungathi ngokuzikhathaza kwakhe athasisele usuku olulodwa eminyakeni yokuphila kwakhe na?

28“Nizihluphelani ngezembatho na? Ake nibheke nje nansi iminduze yasendle ikhula! Kayizikhandli izithungele izembatho,

29kodwa ngithi kini, noSolomoni inkosi eyayevatha ezibukhazikhazi kayivunulanga ngisho nanjengomnduze owodwa uqhakazile.

30UMvelinqangi unakekela utshani basendle abuhlobise abehlule, lobutshani obuhluma namuhla kanti buzobuye buphoswe eziko bushe ngakusasa. Akayikuninakekela kakhulu kunalokho anembese, nina eninokukholwa okuncane na?

31Ngakhoke ningakhathazeki ngokuthi niyodlani niphuzeni nembatheni.

32Abezizwe abangakholwayo bazikhathaza ngakho konke lokho, kanti-ke uYihlo osezulwini uyazi ukuthi niyazidinga zonke lezizinto.

33Kodwa qalani ngokufuna umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe, yikhona-ke eyonipha nazo zonke lezizinto.

34Ngakhoke ningazihluphi ngekusasa, ngoba ikusasa liyozibonela lona izinkathazo zalo. Yilolo nalolosuku lunezinkathazo zalo ezilwaneleyo.

UMatewu 7

Ukwahlulela abanye

(Luk 6:37-38,41-42)

1“Ningehluleli, khona uNkulunkulu engayikunehlulela.

2Ngoba niyokwahlulelwa nani ngalokho enahlulela ngakho, namukeliswe okungangesilinganiso enilinganisela ngaso abanye.

3Ungasibona kanjani isibi esisesweni lomzalwane, ube ungaluboni ugoqo olukwelakho na?

4Ungasho kanjani kuye uthi: ‘Ake ngikhiphe isibi esweni lakho,’ kanti kwelakho kukhona ugoqo na?

5Mzenzisindini! Qala ngokukhipha ugoqo olusesweni lakho, yikhona uyobona kahle bese ukhipha isibi esisesweni lomzalwane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6“Ningaziphakeli izinja okungcwele, niphonse amatshe enu engceboezingulubeni, funa ziwadovadove ngamasondo ziniphendukele zinidwengule.

Ukucela nokufuna nokungqongqotha
(Luk 11:9-13; 6:31)

7“Celani, yikhona niyophiwa! Funani, yikhona niyothola! Ngqongqothani, yikhona niyovulelwa!

8Ngoba yilowo nalowo ocelayo uyaphiwa, nofunayo uyathola, nongqongqothayo uyovulelwa.

9Ukhona yini kini umuntu okuthi lapho indodana yakhe imcela isinkwa ayinike itshe na?

10Kuthi lapho imcela inhlanzi ayinike inyoka na?

11Uma nina okuthi nibabi kangaka nikwazi kodwa ukupha abantabenu okubalungele, uYihlo osezulwini uyobapha kangakanani-ke okubalungele labo abacela kuye.

12“Yenzani kwabanye konke lokho enithanda ukuba bakwenze kini, ngoba yilokhu okubizwa umthetho kaMose nemfundiso yabaphrofethi.

Isango elingumngcingo
(Luk 13:24)

13“Ngenani ngesango elingumngcingo, ngoba isango eliya ekubhujisweni livulekile nendlela ibanzi, bebaningi abahamba ngayo.

14Isango eliya ekuphileni lingumngcingo nendlela ilukhonjwana, bambalwa abayitholayo.

Isihlahla nezithelo zaso
(Luk 6:43-44)

15“Xwayani labo abathi bangabaphrofethi bengeyibo! Beza kini bebukeka sengathi bayizimvu, kanti ngaphakathi bangamankentshane aphangayo.

16Niyobazi ngemisebenzi yabo. Kambe ziyatholakala yini izithelo zomvini esihlahleni somunga, kumbe amakhiwane ekhakhasini na?

17Yileso nalesosihlahla esihle sithela izithelo ezinhle, kodwa isihlahla esibi sithela izithelo ezimbi.

18Isihlahla singethele zithelo ezimbi sisihle, kanti futhi isihlahla singethele zithelo ezinhle sisibi.

19Yileso nalesosihlahla esingatheli izithelo ezinhle siyonqunywa siphoswe emlilweni.

20Ngakhoke niyobazi ngemisebenzi yabo lababaphrofethimbumbulu.

“Angizange ngazane nani”
(Luk 13:25-27)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21“Akusibo bonke abathi kimi: ‘Nkosi! Nkosi! ’ abayokwamukelwa embusweni wezulu, kodwa yilabo kuphela abafeza intando kaBaba osezulwini.

22Mhla uMvelinqangi esehlulela okokugcina baningi abayothi kimi: ‘Nkosi! Nkosi! Asiphrofethanga yini egameni lakho, sakhipha ngalo amadimoni, senza imisebenzi eminingi emangalisayo na? ’

23Sengiyobatshela ngokusobala ngithi: ‘Angizange ngazane nani. Dedani kimi lezizigilamkhuba! ’

Indlu enesisekelo nengenaso

(Luk 3:47-49)

24“Ngakhoke, lowo ozwa engikushoyo akwenze, uyoba njengendoda ehlakaniphileyo eyakha indlu yazinza edwaleni.

25Lana uzamcolo, kwatheleka izikhukhula, kwabhenguza izivunguvungu kuleyondlu. Kepha kayidilikanga, nakhu phela yayizinze edwaleni.

26Kodwa lowo ozwa engikushoyo angakwenzi, uyoba njengendoda eyisiwula eyakha indlu yayo esihlabathini.

27Lana uzamcolo, kwatheleka izikhukhula, kwabhenguza iziphepho kuleyondlu, yayisibhidlika yathi hhidli.”

Igunya likaJesu

28UJesu waqeda ukukhuluma, abantu kwabamangalisa ukufundisa kwakhe,

29ngoba wabafundisa ngegunya engananazi; akabafundisanga njengezazimibhalo.

UMatewu 8

UJesu uphilisa umuntu onochoko

(Mark 1:40-45; Luk 5:12-16)

1UJesu wehla entabeni walandelwa izindimbane zabantu.

2Kwasuka umuntu onochoko wafike wamkhothamela wathi: “Nkosi, uma uthanda ukungihlambulula ngiphile ungakwenza.”

3UJesu welula isandla wamphatha wathi: “Ngiyathanda, hlambuluka! ” Wahlanjululwa esifweni sakhe khona lapho, waphila.

4UJesu wayesethi kuye: “Qaphela ungakutsheli muntu lokhu, kodwa hamba uziveze kumphristi, akuhlole! Bese wethula umhlatshelo njengoba kwayaleza uMose, ukuze kufakazeke kubantu ukuthi usuhlanjululiwe.”

UJesu uphilisa inceku yenduna yamabutho

(Luk 7:1-10)

5Kuthe uJesu esangena emzini waseKhaphenawume, kweza kuye induna yamabutho amaRoma, yamnxusa ukuba ayisize

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6yathi: “Nkosi, inceku yami ilele phansi ekhaya, ife uhlangothi iphethwe kabi yizinhlungu.”

7UJesu wathi kuyo: “Ngiyeza ngizoyiphilisa.”

8Induna yamphendula yathi: “Nkosi, akungifanele ukuba ungangena kwami. Kepha khipha izwi nje, yikhona inceku yami izophila!

9Kwamina ngingumuntu ophethwe ngabanye, kanti nami ngiphethe amabutho. Ngiyaye ngithi komunye: ‘Hamba! ’ abesehamba. Nakomunye ngithi: ‘Woza! ’ abeseza. Ngithi encekwini yami ayenze into ethile, iyenze.”

10UJesu wakuzwa lokhu wababaza, wakhuluma emshungwini owawumlandela wathi: “Ngiqinisile impela, angikaze ngibone muntu wakwaIsrayeli enokholo olungaka.

11Kepha ngithi kini, baningi abayoqhamuka empumalanga nasentshonalanga, bahlale badle noAbhrahama noIsaka noJakobe embusweni wezulu.

12Kodwa amadodana ombuso ayolahlwa ebumnyameni, lapho kuyoba khona ukukhala nokugedla amazinyo.”

13UJesu wakhuluma enduneni yamabutho wathi: “Hamba kahle! Uzokwenzelwa lokho njengoba ukholiwe.” Yaphila ngaso lesosikhathi inceku.

UJesu uphilisa umkhwekazi kaPhetro

(Mark 1:29-31; Luk 4:38-39)

14UJesu waya emzini kaPhetro. Wafike wabona umkhwekazi kaPhetro elele phansi, ephethwe ngumkhuhlane.

15Wamthinta isandla; umkhuhlane waphela, wayeselulama qede wambungaza.

UJesu uphilisa abantu abaningi ngokuhlwa

(Mark 1:32-34; Luk 4:40-41)

16Kwahwalala kwase kulethwa kuJesu abantu abaningi ababephethwe ngamadimoni. Wakhipha kubo imimoya ngezwi nje lodwa, waphilisa bonke ababegula,

17kwagcwaliseka okwashiwo ngomlomo womphrofethi uIsaya kwathiwa: “Wetshatha umthwalo wobuthakathaka bethu, wanyinyitheka nangezifo zethu.”

Abaya kuJesu befisa ukumlandela

(Luk 9:57-62)

18UJesu wabona izindimbane zabantu zimngungile wathi akuwelelwe ngaphesheya kwechibi.

19Isazimibhalo esithile sasondela safike sathi: “Mfundisi , ngiyokulandela nomaphi lapho uya khona.”

20UJesu wasiphendula wathi: “Izimpungushe zinemihume, nezinyoni zinezidleke, kepha iNdodana yesintu ayinandawo yokuthambeka uhlangothi iphumule.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Omunye kubafundi wathi: “Nkosi, bengicela ukuba ungivumele kengiyongcwaba
ubaba kuqala! ”

22UJesu wathi: “Ngilandele, ubayeke abafileyo bangcwabane bodwa! ”

UJesu uthulisa isiphepho
(Mark 4:35-41; Luk 8:22-25)

23Wakhwela esikebheni, elandelwa ngabafundi bakhe.

24Kwagubhuka isiphepho somoya esinamandla savunguza echibini, amadlambi
agubha agabha isikebhe. Kodwa uJesu wayelele.

25Abafundi basondela kuye, bamvusa bathi: “Nkosi sisindise, nakhu sifa! ”

26Wayesethi kubo: “Nesabani kangaka, nina eninokukholwa okuncane na? ”
Wavuka wakhuza umoya nechibi, kwathula kwathi cwakalala.

27Abantu base bemangala bathi: “Unhloboni lo olalelwa umoya ngisho namagagasi
imbala? ”

UJesu ukhipha amadimoni kubantu ababili
(Mark 5:1-20; Luk 8:26-39)

28Wafika ezweni lamaGadara elingaphesheya kwechibi laseGalile. Wanqwamana
nabantu ababili bevela emathuneni. Babenamadimoni, ubudlova babo buyingozi
kangangoba kwakungekho muntu owayengalokotha ahambe ngaleyondlela.

29Baklabalasa bathi: “Usifunani wena Ndodana kaNkulunkulu na? Ngabe uze lapha
ukuzosihanqaza ngezinhlupho singakafiki isikhathi na? ”

30Buqamama kwakweluke umhlambi omkhulu wezingulube.

31Amadimoni azikhalela kuJesu athi: “Uma usikhipha, sidedele singene
ezingulubeni! ”

32Wathi kuwo: “Phumani nihambe! ” Ayesephuma esengena kuzo. Umhlambi
wonke washo wagulukudela esiweni wagxambukela echibini, waminza.

33Abelusi bezingulube babaleka, baya emzini bafike babika konke okwenzekileyo
baxoxa eyabafokazi ababekade benamadimoni.

34Abantu balowomuzi baphuma bonke bamhlangabeza uJesu. Kwathi
bangambona bamncenga ukuba aphume aphele kwelakubo.

UMatewu 9

UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi
(Mark 2:1-12; Luk 5:17-26)

1UJesu wakhwela esikebheni, wawelela ngaphesheya kwechibi wabuyela kubo
eKhaphenawume.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Baletha kuye isiguli silele ohlakeni, sife uhlangothi. Kuthe lapho uJesu ebona
ukukholwa kwabo, wathi kuso: “Mntanami, yima isibindi! Izono zakho
zithethelelwe.”

3Izazimibhalo ezithile zase zizindla zithi: “Lomuntu uhlambalaza uNkulunkulu.”

4UJesu wakuzwa egazini ukuzindla kwabo, wathi: “Nikuzindlelani okubi na?

5Yikuphi okulula ukukusho kumuntu, ukuthi: ‘Izono zakho zithethelelwe,’ nokuthi:
‘Sukuma uhambe’?

6Ngizonidelisa nibone ukuthi iNdodana yesintu inegunya lokuthethelela izono
emhlabeni.” Wathi kogulayo: “Sukuma uthathe uhlaka lwakho ubuyele kini! ”

7Indoda yasukuma yabuyela kubo.

8Kwathi lapho abantu bekubona lokhu, besaba badumisa uMvelinqangi onike
abantu igunya lokwenza izinto ezingaka.

UJesu ubiza uMatewu
(Mark 2:13-17; Luk 5:27-32)

9UJesu wasuka lapho, wahamba. Wadlula lapho kutheliswa khona, wabona indoda
okuthiwa nguMatewu ihlezi isebenza, wathi kuyo: “Woza ungilandele! ” Yayisuka
njalo isiba ngumlandeli wakhe.

10Kwase kwenzeka uJesu ehlezi kwaMatewu kudliwa. Dukuduku sekufika
abathelisi abaningi nezoni, sebehlala bedla kanye naye nabafundi bakhe.

11Bakubone lokhu abafarisi, bese bebuza kubafundi bakhe bethi: “Angadla kanjani
umfundisi wenu nabathelisi nezoni na? ”

12Akuzwe lokhu uJesu abesethi: “Abaphilileyo abadingi nyanga kodwa idingwa
ngabagulayo.

13Ake nihambe nifunde ukuthi imibhalo iqondeni lapho uNkulunkulu ethi:
‘Engikuthandayo yisihe, umhlatshelo qha.’ Ngoba angizelanga ukubiza
abalungileyo, kodwa ngezela ukuzomema izoni.”

UJesu uchaza ngokuzila ukudla
(Mark 2:18-22; Luk 5:33-39)

14Abafundi bakaJohane umbhabhadisi baya kuJesu bafike bathi: “Abafundi bakho
kabazili ngani ukudla, kodwa thina nabafarisi sibe sikuzila na? ”

15UJesu wabaphendula wathi: “Kungenzeka yini ukuba nxa kushadwa ikhetho
lihlale lilusizi ngenkathi umyeni esahleli nalo na? Phinde, kodwa kuyofika
isikhathi lapho liyokwaphucwa khona umyeni, bese lizila-ke ngalesosikhathi.

16“Akukho muntu ochibela isiqephu esisha engutsheni endala, ngoba lesisichibi
siyoshwabana siklebhule ingubo, imbobo yande kunakuqala.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Futhi akwethiwa iwayini eliseyifumuka ezimvabeni zesikhumba esezizindala, ngoba uma kwenziwa lokho, izimvaba ziyaqhuma, kuchitheke iwayini, konakale nezimvaba. Phela ifumuka liyaye lethiwe ezimvabeni ezintsha kokubili kugcineke kahle.”

Indodakazi yomphathi wesinagoge; owesifazane owathinta ingubo kaJesu

(Mark 5:21-43; Luk 8:40-56)

18Kuthe uJesu esakhuluma nabo ngalokhu, kwasondela indoda eyayingumphathi wesinagoge, yafike yamkhothamela yathi: “Indodakazi yami isand' ukushona. Woza uyibeke izandla iphile! ”

19UJesu wasuka wahamba nayo nabafundi bakhe.

20Kwakukhona owesifazane owayesephathwe yisifo sokopha iminyaka eyishumi nambili. Waqhamukela uJesu ngemuva, wafike wathinta umphetho wengubo yakhe.

21Phela owesifazane lo wazitshela ukuthi: “Uma nje ngingathinta ingubo yakhe ngiyosinda.”

22UJesu waphenduka, wambona wathi kuye: “Mntanami, yima isibindi! Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Owesifazane waphila kusukela kulesosikhathi.

23UJesu waya emzini womphathi wesinagoge, wafike wakhangwa ababebetha imitshingo kulilwa, nesixuku sixokozela.

24Wayesethi: “Ake niphume lapha! Intombazane kayifile, ilele.” Bamhleka usulu.

25Kuthe abantu sebekhishelwe phandle, wangena lapho intombazane yayikhona, wafike wayibamba ngesandla, yavuka.

26Lendaba yaduma kulo lonke lelozwe.

UJesu uphilisa izimpumputhe ezimbili

27Lapho uJesu esesuka kuleyondawo, walandelwa yizimpumputhe ezimbili zimemeza zithi: “Ndodana kaDavide, sihawukele! ”

28Wangena endlini izimpumputhe zaya kuye, wayesethi kuzo: “Niyakholwa yini ukuthi ngingase nginisize na? ” Zaphendula zathi: “Yebo Nkosi! ”

29Wathinta amehlo azo wathi: “Kuzokwenzeka lokho enikukholwayo.”

30Zavuleka amehlo zabona. UJesu wazidonsa ngendlebe wathi zingalokothi zitshele muntu ngokwenzekileyo.

31Kepha zathi zisuka nje zahamba zasakaza ngaye kulo lonke lelozwe.

UJesu uphilisa isimungulu sikhulume

32Kuthe besasuka lababantu, kwasiwa kuJesu isimungulu esasinedimoni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33Kwathi ukuba idimoni liphume, isimungulu sakhuluma. Izindimbane zamangala
zathi: “Ayikaze ibonwe into enje kwaIsrayeli! ”

34Kodwa abafarisi bathi: “Yinkosi yamadimoni akhipha ngayo amadimoni.”

UJesu ufikelwa isihe

35UJesu wayehamba eguduza zonke izigodi nezigojana, efundisa emasinagogeni
abo eshumayela indaba ethokozisayo yombuso kaNkulunkulu, ephilisa abagulayo
ababephethwe yizifo ngezifo.

36Kwathi ukuba abone izinkumbi zabantu, wafikelwa isihe ngoba
babekhathazekile bethithibele kuhle kwezimvu ezingenamalusi.

37Wathi kubafundi bakhe: “Isivuno sikhulu, kepha abavuni bambalwa.

38Ngakhoke celani umniniso ukuba athumele izisebenzi ziye esivunweni sakhe! ”

UMatewu 10

UJesu uqoka abaphostoli abayishumi nambili

(Mark 3:13-19; Luk 6:12-16)

1UJesu wabiza abafundi bakhe abayishumi nambili basondela kuye, wabapha
amandla okukhipha imimoya engcolileyo nokuphilisa abagulayo ababephethwe
yizifo ngezifo.

2Nanka amagama abaphostoli abayishumi nambili: owokuqala nguSimoni
okuthiwa nguPhetro nomfowabo uAndreya, uJakobe noJohane amadodana
kaZebedi,

3uFiliphu noBhatolomu, uTomasi noMatewu umthelisi, uJakobe kaAlfiyose
noThadiyose,

4uSimoni umshokobezi noJudasi Iskariyothe owagcina esethengise ngoJesu
ezitheni.

Ukuthunywa kwabayishumi nambili

(Mark 6:7-13; Luk 9:1-6)

5UJesu wathuma laba abayishumi nambili, wabatshela wathi: “Ningayi
kwelabezizwe, ningangeni nasemadolobheni aseSamariya!

6Kodwa yanini kwabendlu yakwaIsrayeli abayizimvu ezilahlekileyo.

7Lapho nihambela khona fikani nishumayele nithi: ‘Umbuso wezulu ususondele.’

8Philisani abagulayo, nivuse abafileyo, niphilise abanochoko bahlanjululwe,
nikhiphe amadimoni. Naphiwa ngesihle, ngakhoke nani yiphani ngesihle!

9Ningayiphathi emakhukhwini enu imali eyigolide nesiliva nethusi,

10ningaphathi kwasikhwama sendlela, nasambatho sesibili nazimbadada
naludondolo, ngoba kufanele isisebenzi siphile ngomsebenzi waso.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11“Nxa ningena edolobheni noma emzini, anobhekisisa kahle ukuthi yiliphi ikhaya okufanele nikhuleke isikhundla kulo, ningenise-ke lapho nize nimuke kuleyondawo.

12Nalapho ningena kulelokhaya anobabingelela, nibafisele ukuthula.

13Uma lesisibusiso enibafisela sona sibafanele, siyoba phezu kwabo, kepha uma singabafanele siyobuyela kini.

14Uma kukhona onganamukeli kumbe engakulaleli enikushoyo, lishiyeni lelokhaya noma lesosigodi nibathuntuthele uthuli lwezinyawo zenu.

15Ngoqobo lonke, kuyothi mhla wosuku uMvelinqangi ayokwahlulela ngalo, abathambisele isigwebo abaseSodoma naseGomora kunokuba athambisele abantu balomuzi.

Izinhlupheko ezizayo

(Mark 13:9-13; Luk 21:12-17)

16“Njengoba nginithuma nje nifana nezimvu ziya phakathi kwamankentshane. Ngakhoke khaliphani njengezinyoka, nibe nhliziyomhlophe njengamajuba!

17Xwayani abantu, ngoba bayoniyisa ezigcawini zokwahlulela, banibhaxabule emasinagogeni abo.

18Niyohudulelwa phambi kwababusi namakhosi ngesizathu sokuthi ningabami, nifakaze ngami phambi kwabo naphambi kwabezizwe.

19Kodwa lapho sebeniyisa ezigcawini, ningazikhathazi ngokuthi niyophendula nithini, ngoba ngalowomzuzu niyowanikwa amazwi okuphendula.

20Lokho enikushoyo kuyobe kungasaphumi kini, kodwa kuyobe sekukhuluma uMoya kaYihlo.

21“Umuntu uyonikela umfowabo ukuba abulawe, uyise anikele umntanakhe, abantwana bavukele abazali babo ukuba babulawe.

22Bonke bayonizondela isizathu sokuthi ningabami. Kodwa lowo oqinisela kuze kube sekupheleni uyosindiswa.

23Kepha uma kwenzeka benizingela emzini othile, anobalekela komunye. Ngiyaqinisa impela, iNdodana yesintu iyofika ningakawuqedi umsebenzi wenu emizini yakwaIsrayeli.

24“Akukho mfundi oke abe mkhulu kunalowo omfundisayo, futhi asikho isisebenzi esikhulu kunomnumzane esimsebenzelayo.

25Kusuke sekwanele kumfundi uma eselingana nomfundisayo, nakuso isisebenzi uma sesilingana nesimsebenzelayo. Uma uSokhaya bemethuka ngokuthi nguBhelezabhule, kangakanani-ke abomkhaya wakhe!

Ofanele ukwesatshwa

(Luk 12:2-7)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26“Ngakho yimani isibindi ningabesabi abantu! Ngoba konke okusithakeleyo
kuyovezwa obala, nokufihlakeleyo kuyokwaziwa.

27Lokho engikukhulume kini ebumnyameni, anokusho obala, nalokho
enikuhletshelweyo kushumayeleni kudume zonke izihosha!

28Ningabesabi laba ababulala umzimba, bengeke bawubulala umphefumulo.
Kunalokho yesabani uNkulunkulu onamandla okubhubhisa umzimba ngisho
nomphefumulo esihogweni.

29Kanti imizwilili emibili ayithengiswa yini ngesenti na? Nokho awukho nowodwa
umzwilili oshaywa uwe, uMvelinqangi engazi.

30Kanjalo nani, uMvelinqangi wazi ngisho nesibalo sezinwele emakhanda enu.

31Ngakhoke yimani isibindi ningesabi! Nina niyigugu nedlula intengo yomhlambi
wemizwilili.

Ukuvuma uKristu phambi kwabantu
(Luk 12:8-9)

32“Lowo ovuma phambi kwabantu ukuthi ungowami, nami ngiyomvuma phambi
kukaBaba osezulwini.

33Kepha lowo ongiphika phambi kwabantu, nami ngiyomphika phambi kukaBaba
osezulwini.

Ukuthula nokungezwani
(Luk 12:51-53; 14:26-27)

34“Nize ningazikhohlisi nithi ngilapha nje ngilethe ukuthula emhlabeni!
Ngangingalethe khona ukuthula, kodwa ukungezwani.

35Ngangizodala ukwahlukana, ukuba kumelane indodana noyise, indodakazi
nonina, umalokazana noninazala,

36abomndeni womuntu bese beba yizitha zakhe.

37“Lowo othanda uyise nonina kakhulu kunami, nalowo othanda indodana
nendodakazi yakhe kakhulu kunami, akumfanele ukuba ngumfundi wami,

38nalowo ongetshathi isiphambano sakhe angilandele, akumfanele ukuba
ngumfundi wami.

39Lowo ozuza ukuphila kwakhe kuzomlahlekela, nalowo okumlahlekelayo
ukuphila kwakhe ngenxa yami uyokuzuza.

Abayothola umvuzo
(Mark 9:41)

40“Lowo onemukelayo wemukela mina, kanti lowo ongemukelayo wemukela
uNkulunkulu ongithumileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

41Labo abemukela umphrofethi ngoba engumphrofethi, bayothola umvuzo ofanele umphrofethi, nalabo abemukela olungileyo ngoba engolungile, bayothola umvuzo ofanele olungileyo.

42Ngiyaqinisa impela ngithi, labo abaphuzisa abe munye kulaba abancinyane abangelutho, bamuphe noma kuyiconsana nje lamanzi abandayo, ngesizathu sokuba engumfundi wami, ngeke kwenzeke bangawutholi umvuzo wabo.”

UMatewu 11

UJohane umbhabhadisi uthumela kuJesu

(Luk 7:18-35)

1Kwathi lapho uJesu eseqedile ukuyala abafundi bakhe abayishumi nambili, wasuka lapho waya emadolobheni akulelozwe ukuba afundise ashumayele kuwo.

2UJohane umbhabhadisi wabikelwa esejele wezwa ngemisebenzi kaKristu, wayesethuma abafundi bakhe

3ukuba bambuzele bathi: “Wena unguye yini obhekiweyo ukuthi uyeza, kumbe sime silindele omunye na? ”

4UJesu waphendula wathi: “Hambani nikulandise uJohane lokho enikuzwile nenikubonile:

5izimpumputhe seziyabona, izishosha seziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu seziyezwa, abafileyo bayavuswa, izimpofana zishunyayezwa indaba emnandi kaNkulunkulu.

6Ubusisiwe lowo ongakhubeki awe ekukholweni ngenxa yami.”

7Aphindela emuva lawomadoda, uJesu wasala wakhuluma kubantu ngoJohane wathi: “Kambe naniyobukani ehlane na? Umhlanga untengantengiswa umoya?

8Qha! Naniyobukani kanti? Umuntu ogqoke izingubo ezinofonofo na? Phela labo abevatha kanjalo bangabezigodlo zamakhosi.

9Empeleni naniyaphi kanti? Nanithi niyofika nibone umphrofethi na? Yebo, ngithi-ke nabona lukhulu kunomphrofethi.

10Nguye uJohane okulotshwe ngaye embhalweni ongcwele kwathiwa: “ ‘UNkulunkulu uthi: Naso isigijimi sami engisithuma phambi kwakho, ukuba sikuhlahlele indlela.’

11“Lalelani lapha nginitshele! Akukho noyedwa ozelwe yisifazane omkhulu kunoJohane umbhabhadisi. Noma kunjalo kodwa, ngisho nomncane embusweni wezulu mkhulu kunaye.

12Kusukela emihleni kaJohane umbhabhadisi kuze kube manje abantu baphangelana ngombuso wezulu, nabazamayo bayawufuzula bangene.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Bonke abaphrofethi nomthetho kaMose babikezela ngombuso kaNkulunkulu
kwaze kwafika uJohane.

14Uma nikuzwa lokho engikushoyo, uJohane unguElija lowo okwabikezelwa ngaye
ukuthi uyofika.

15Onendlebe akezwe engikushoyo!

16“Kodwa ngingabafanisa nantoni abantu balemihla na? Banjengezingane zihlezi
phandle zidlala amaqembu, elinye limemeza lisola

17lithi: “ ‘Sinishayele ihlombe kodwa anisinanga, sacula ezokulila kodwa
anikhalanga! ’

18“Phela uJohane ufike wazila ukudla newayini, base bethi unedimoni.

19INdodana yesintu yafika yadla yaphuza, sebethi: ‘Ake nibone! Lomuntu
uyisidlakudla nenkolotsha, umngani wabathelisi nezoni.’ Phela inhlakanipho
kaNkulunkulu ibonakalisa ngomphumela wayo ukuthi iqinisile.”

Imizi engaphendukiyo
(Luk 10:13-15)

20Kabaphendukanga abantu baleyomizi lapho uJesu enza khona imisebenzi yakhe
eminingi emangalisayo. Wabasola-ke wathi:

21“Maye we Khorazini! Maye we Bhetsayida! Ngoba lezizimanga ezenziwe kini,
ukuba zazenziwe eThire naseSidoni, abantu balapho ngabe bazishaya kudala
bembatha amasaka bazisola babhuquza othulini baphenduka.

22Ngiqinisile ngempela, mhla wosuku uMvelinqangi ayokwahlulela ngalo,
uyobathambisela isigwebo abaseThire naseSidoni kunokuba athambisele nina.

23Nawe Khaphenawume! Uthi kambe uyophakanyiselwa ezulwini na? Phinde,
uyokwehliselwa kwelabafileyo. Ngoba lemisebenzi emangalisayo eyenziwe kuwe,
ukuba yayenziwe eSodoma, ngabe lowomuzi usakhile nanamuhla.

24Ngithi kuwe, mhla wosuku uMvelinqangi ayokwahlulela ngalo, uyobathambisela
isigwebo abaseSodoma kunokuba athambisele wena.”

Ukuphumula kutholakala kuJesu
(Luk 10:21-22)

25UJesu wakhuluma kulesosithuba wathi: “Baba, wena obusa izulu nomhlaba!
Ngiyakubonga ngiyakubabaza wena ozifihlileyo lezizinto kwabahlakaniphileyo
nabayizazi kepha wazambulela abayizingane.

26Yebo Baba, kuthande wena ukuba kube njalo!

27“UBaba ukwethule konke esandleni sami. Akakho ngaphandle kukaYise owaziyo
ukuthi iNdodana ingubani. Akakho nowaziyo ukuthi uYise ungubani, ngaphandle
kweNdodana nalabo ethanda ukumambula kubo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28“Wozani kimi nina nonke enikhandlekileyo nenisindwa yimithwalo, ukuze nginiphumuze.

29Ngimnene ngithobile, ngakhoke zethweseni ijoka lami nifunde kimi, yikhona izinhliziyo zenu ziyophunyuzwa.

30Ngoba ijoka lami alinzima, nomthwalo enginethwesa wona ulula.”

UMatewu 12

Abafundi bakha izikhwebu kuyisabatha

(Mark 2:23-28; Luk 6:1-5)

1Akubanga nsuku ngaki uJesu wadabula emasimini kuyisabatha. Abafundi bakhe balamba, base bebhonyula izikhwebu badla.

2Bakubuke lokhu abafarisi bese bethi kuye: “Awubheke! Abafundi bakho benza okungemthetho ukuba kwenziwe kuyisabatha.”

3Kodwa wabaphendula wathi: “Kanifundanga yini ngesenzo sikaDavide mhla elambile kanye neqembu lakhe?

4Wangena endlini kaNkulunkulu, badla izinkwa ezazethulwe kuNkulunkulu, yize noma kwakungemthetho ukuba azidle yena neqembu lakhe, kepha zidliwa abaphristi kuphela.

5Anifundanga yini futhi emthethweni ukuthi kuyaye kuthi ngamasabatha abaphristi baweqe umthetho wesabatha ethempelini, nokho bangabi nacala na?

6Ngithi-ke kukhona lukhulu kunethempeli lapha.

7Embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi: ‘Engikuthandayo yisihe, umhlatshelo qha.’ Ukuba benazi ukuthi lokhu kuqonda ukuthini, beningeke nibalahle abangenacala.

8Ngoba iNdodana yesintu iyinkosi yesabatha.”

Umuntu owayenesandla esishwabeneyo

(Mark 3:1-6; Luk 6:6-11)

9UJesu wasuka lapho waya esinagogeni labo.

10Kwakukhona kulo umuntu owayenesandla esishwabeneyo. Babuza uJesu bathi: “Kungumthetho yini ukuba kuphiliswe ngosuku lwesabatha na? ” Besho ngoba befuna izaba zokummangalela.

11Wayesethi kubo: “Uma omunye wenu enemvu eyodwa, ibisikhalakathela emgodini kuyisabatha, akayibambi ayikhiphe na?

12Pho umuntu usengalinganiswa nemvu na? Ngakhoke sivunyelwe emthethweni ukuba simsize ngesabatha.”

13Wayesethi kulowomuntu: “Yelula isandla! ” Waselula, saphila safana nesinye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Abafarisi baphuma esinagogeni, bamakhela uzungu lokumbulala uJesu.

Inceku ekhethiweyo kaNkulunkulu

15UJesu wakuzwa lokho washiya kuleyondawo. Walandelwa ngabaningi, waphilisa bonke abagulayo.

16Wabadonsa ngendlebe wathi bagamvezi ukuthi ungubani.

17Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngomlomo womphrofethi uIsaya kwathiwa:

18"Nansi inceku yami engiyikhethileyo. Ngiyayithanda, ngithokoza ngayo. Ngiyokwehlisela kuyo uMoya wami, ishumayeze abezizwe ngobuqotho bami.

19Ngeke idazisane nkani namuntu, ibange umsindo iklabalase emigwaqweni.

20Umhlanga ofecekileyo ayiyikuwaphula, icime nempokwe yesibani efiyozayo. Iyokhuthazela ilwele ukulunga kuze kunqobe;

21izizwe zonke ziyobeka ithemba egameni layo."

UJesu uchaza ngoBhelezabhule

(Mark 3:20-30; Luk 11:14-23; 12:10)

22Bayisa kuJesu umuntu owayenedimoni; wayeyimpumputhe, futhi eyisimungulu. UJesu wamphilisa, wabona wakhuluma.

23Izixuku zakhexa imilomo zonke, zathi: "Lo akasiyo yini iNdodana kaDavide na? "

24Kwathi ukuba abafarisi bakuzwe lokhu bathi: "Yinkosi yamadimoni uBhelezabhule kuphela, lomuntu akhipha ngaye amadimoni."

25Kodwa uJesu wakwazi abakuzindlayo wathi kubo: "Yilowo nalowombuso oqhekeka ulwe wodwa uyokuwa. Yilowo nalowomuzi noma umndeni omelene wodwa uyochitheka.

26Uma uSathane ezichitha, phela ngabe kusho ukuthi umbuso wakhe umelene wodwa. Pho ungema kanjani na?

27Uma ngabe kunguBhelezabhule engikhipha ngaye amadimoni, pho abalandeli benu bona bawakhipha ngani na? Yibo asebenilahla ngecala.

28Kepha uma ngikhipha amadimoni ngoMoya kaNkulunkulu, kusho ukuthi umbuso kaNkulunkulu usufikile kini.

29"Ukhona ongalokotha angenele isiqhwaga aphange impahla yaso, engaqalanga wasibopha na? Bese kuba yima ephanga-ke endlini yaso.

30"Lowo ongahambisani nami umelene nami; nalowo ongangibuthisi uma ngiqoqa, empeleni uyachitha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31Ngakhoke ngithi kini, zonke izono zabantu nayo yonke inhlamba yabo iyothethelelwa, kodwa ukuhlambalaza uMoya kaNkulunkulu ngeke kwathethelelwa.

32Yilowo nalowo okhuluma okuphambene neNdodana yesintu uyothethelelwa. Kodwa lowo okhuluma okuphambene noMoya oyiNgcwele kayikuthethelelwa kulomhlaba ngisho nakwelizayo.

Isihlahla nezithelo zaso
(Luk 6:43-45)

33"Kuphakathi kokuthi nincome isihlahla, nezithelo zaso nithi zinhle, noma nigxeke isihlahla, nezithelo zaso nithi zimbi. Isihlahla siyaye saziwe ngezithelo zaso.

34Nzalo yezinyoka! Ningakhuluma kanjani okulungileyo nonakele kangaka na? Ngoba umlomo womuntu uphahluka lokho okumbusa enhliziyweni yakhe.

35Umuntu olungileyo uveza okuhle okuvela enhliziyweni enhle, nomuntu omubi uveza okubi okuvela enhliziyweni embi.

36"Ngithi kini, mhla wosuku uMvelinqangi ayokwahlulela ngalo, umuntu ngomuntu uyozilanda ngalelo nalelogama eliyize ake walikhuluma.

37Ubusuwahlulelwa ngamazwi akho, likuthethe kumbe likulahle icala."

Isizukulwane esonakeleyo sifuna isibonakaliso
(Mark 8:11-12; Luk 11:29-32)

38Sekusuka abathile bezazimibhalo nabafarisi sebethi kuJesu: "Mfundisi, sifuna ukuba ukhombise ngesibonakaliso ukuthi uvela kuNkulunkulu."

39Wabaphendula wathi: "Abantu balemihla bayisizukulwane esonakeleyo esihlubuka uNkulunkulu! Bafuna isibonakaliso, kodwa kabazukhonjiswa sibonakaliso ngaphandle kwalokho okwavelela umphrofethi uJona.

40UJona wayesesiswini senhlanzi enkulu izinsuku ezintathu nobusuku bazo. Kanjalo futhi, iNdodana yesintu iyolala emathunjini omhlaba izinsuku ezintathu nobusuku bazo.

41Kuyothi mhla uMvelinqangi esewahlulela umhlaba, amadoda aseNiniva avuke ekufeni kanye nesizukulwane salemihla, asibeke icala silahlwe. Ngoba aphenduka mhlazana eshunyayezwa nguJona, kodwa ngithi, kukhona lukhulu kunoJona lapha.

42Kuyothi mhla uMvelinqangi esewahlulela umhlaba, indlovukazi yakwaShebha ivuke ekufeni kanye nesizukulwane salemihla, isibeke icala silahlwe. Ngoba yasuka le kwamamangalahlwa yababela kuSolomoni iyocobela ubuhlakani, kodwa ngithi, kukhona lukhulu kunoSolomoni lapha.

Umoya omubi obuyela emuva
(Luk 11:24-26)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

43“Kuthi ungaphuma kumuntu umoya ongcolileyo, ulibhekise ogwadule, uzule
ucinga indawo ongaphumula kuyo, kodwa ungayitholi.

44Ubusuthi: ‘Ngizobuyela kulendlu engasuka kuyo! ’ Ubusubuyela kuyo, uyifice
ingenabani, isishanelwe kahle.

45Uyasuka lapho, ulanda eminye imimoya eyisikhombisa emibi kakhulu kunawo,
ingenise yonke ihlale lapho. Ngasekugcineni lowomuntu kumonakalele kakhulu
kunakuqala. Yilokho-ke okuyokwehlela isizukulwane esonakeleyo salemihla.”

Izihlobo zikaJesu zangempela

(Mark 3:31-35; Luk 8:19-21)

46Kuthe uJesu esakhuluma kubantu, kwase kufika unina nabafowabo, bema
phandle befuna ukukhuluma naye.

47Kukhona owabika wathi: “Mfundisi, nangu unyoko nabafowenu bemi phandle
bafuna ukukhuluma nawe.”

48Waphendula wathi: “Ngubani okungathiwa ungumame? Ngobani okungathiwa
bangabafowethu na? ”

49Wayesekhomba ngakubafundi bakhe wathi: “Nampa abangumame
nabafowethu!

50Ngoba yilowo nalowo owenza intando kaBaba osezulwini ungumfowethu
nodadewethu nomame.”

UMatewu 13

Umzekeliso ngomhlwanyeli

(Mark 4:1-9; Luk 8:4-8)

1Kuthe ngalo lelolanga uJesu waphuma endlini wayofundisa ngasechibini, wafike
wahlala phansi.

2Kwabuthana izindimbane zabantu zamngunga waze wangena esikebheni
wahlala, isixuku sonke simi osebeni.

3Washumayela ngezinto eziningi ebalandisa imizekeliso. Wathi: “Kwasuka
umuntu wahamba wayohlwanyela.

4Enye imbewu yaqathakela ngasendleleni ehlwanyela, izinyoni zafika zayicosha.

5Enye yaqathakela endaweni eyidwala elalinomhlabashana. Yamila ngokushesha
njengoba umhlabathi wawungajulile okutheni.

6Ilanga laphuma, kwathi lingabalela izithombo zahwamuka, zabuna ngoba
izimpande zazo zazingajulile.

7Kodwa enye yaqathakela emhlabathini onehlozi lameva, okwathi lingamila
lakhula laminyanisa izithombo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Kepha enye yaqathakela emhlabathini oyimvunde yathela ukudla. Yaveza izinhlamvu eziyikhulu, enye yaveza ezingamashumi ayisithupha, enye zaba ngamashumi amathathu.

9Onendlebe akezwe engikushoyo! ”

Inhloso yokubalandisa imizekeliso

(Mark 4:10-12; Luk 8:9-10)

10Abafundi baya kuJesu bafike bambuza bathi: “Yini ubalandise imizekeliso njalo uma ushumayeza abantu na? ”

11Waphendula wathi: “Nina senikuphiwe ukuzazi izimfihlo zombuso wezulu, kodwa bona kabakuphiwe.

12Ngoba lowo onotho uyophiwa kweve, kepha lowo ongenalutho uyokwephucwa ngisho nalokho anakho.

13Ngishumayela ngibalandise imizekeliso ngoba bayabuka kodwa nokho kababoni, bayezwa kodwa nokho kabezwisisi, kabaqondi.

14Sekugcwaliseka ngabo isiphrofetho sikaIsaya lapho uNkulunkulu ethi: “ ‘Niyokuzwa uqobo lokuzwa kepha aniyikuqonda, nibone uqobo lokubona kepha kunganikhanyeli.

15Ngoba sezaba lukhuni izinhliziyo zalesisizwe, badla umvimbandlebe, bavala amehlo, ukuba bangaboni ngamehlo abo bezwe ngezindlebe zabo, izinhliziyo zabo zihlakaniphe, baphenduke ngibaphilise.’

16“Ayadela amehlo enu ngoba ayabona, zibusisiwe nezindlebe zenu ngoba ziyezwa.

17Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, babebaningi abaphrofethi nabantu abalungileyo ababelangazelela ukubona lokhu enikubona kwenzeka, kepha kabakubonanga, bezwe nalokhu enikuzwayo, kepha kabakuzwanga.

UJesu uchaza umzekeliso ngomhlwanyeli

(Mark 4:13-20; Luk 8:11-15)

18“Lalelani lapha nginichazele ngomzekeliso womhlwanyeli!

19Kuyaye kuthi njalo uma abantu bezwa kukhulunywa ngombuso kaNkulunkulu, bengaqondi ukuthi kuthiwani, bese kufika uSathane asuse lokho okuhlwanyelwe ezinhliziyweni zabo, kufane nembewu ehlwanyelwe endleleni.

20Leyo eyahlwanyelwa endaweni eyidwala ichaza ngalabo abalizwayo izwi, basheshe balemukele balithokozele.

21Kabanazimpande ezijulile, kodwa balibamba okwesikhashana nje; kuthi bangafikelwa yizinsizi bahlushwe ngenxa yalo, basheshe bawe ekukholweni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Leyo eyahlwanyelwa emhlabathini onehlozi lameva ichaza ngalabo abalizwayo izwi, kepha ngenxa yokunaka kwabo ezomhlaba nokuluthwa yingcebo liminyaniswe, bangabe besathela neze.

23Kodwa leyo eyahlwanyelwa emhlabathini oyimvunde ichaza ngalabo abalizwayo izwi libachachele, bathele okuhle okuphindwe ngekhulu, abanye ngamashumi ayisithupha, abanye ngamashumi amathathu.”

Umzekeliso wokhula ensimini yamabele

24Wabuye wabaxoxela omunye umzekeliso wathi: “Umbuso wezulu unjengomuntu ehlwanyele imbewu enhle ensimini yakhe.

25Kuthe kusalelwe, kwafika isitha sahlwanyela ukhula phakathi kwamabele, sasuka sahamba.

26Kuthe lapho amabele eseyikhaba esekhahlela, lwavumbuka nokhula.

27Izisebenzi zaya kumnininsimu, zafike zathi: ‘Mnumzane, ubungatshalanga yini imbewu enhle ensimini yakho na? Pho lolukhula lubekwa yini lapha? ’

28Wayesephendula wathi: ‘Umuntu oyisitha owenze lokhu.’ Zambuza zathi: ‘Ufuna silusiphule na? ’

29Kodwa wathi: ‘Qha, nizosuke nilusiphule bese kusiphuka namabele.

30Salani seniluyeka kukhule konke ndawonye kuze kufike inkathi yokuvuna. Kuyothi sekuvunwa bese ngithi kubavuni: Qoqani ukhula kuqala nilubophe izithungu luyoshiswa, kodwa amabele niwathuthele enqolobaneni yami! ’ ”

Umzekeliso wohlamvana lwesihlahla sikamasitadi

(Mark 4:30-32; Luk 13:18-19)

31Wabuye wabalandisa omunye umzekeliso wathi: “Umbuso wezulu unjengohlamvana lwesihlahla sikamasitadi oluthathwa ngumuntu alutshale esivandeni sakhe.

32Ngobuncane balo lwedlula zonke ezinye ezikhona. Kodwa lapho lukhula khona luhluma lwedlule zonke izilimo. Luba yisihlahla, izinyoni zize zakhele izidleke zazo emagatsheni aso.”

Umzekeliso wemvubelo

(Luk 13:20-21)

33Wabaxoxela omunye umzekeliso wathi: “Umbuso wezulu unjengemvubelo ethathwa ngowesifazane, ayifake empushini yemicengezi emithathu emikhulu, ayixove, lemvubelo ibilise inhlama ize ikhukhumale yonke.”

UJesu ubalandisa imizekeliso

(Mark 4:33-34)

34Konke lokhu uJesu wayekukhuluma kubantu ebalandisa imizekeliso. Kwakuyaye kuthi njalo lapho exoxa indaba abalandise imizekeliso,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35ukuze kugcwaliseke okwashiwo ngomlomo womphrofethi kwathiwa:
“Ngizokhuluma ngilande imizekeliso, Ngidalule okwakuyimfihlo kusukela umhlaba wadabuka.”

UJesu uchaza umzekeliso wokhula

36Wahlakaza abantu wangena endlini. Abafundi bakhe beza kuye bafike bathi:
“Sichazele ukuthi usho ukuthini lomzekeliso wokhula olusensimini.”

37Waphendula wathi: “Ohlwanyela imbewu enhle yiNdodana yesintu.

38Insimu ngumhlaba, imbewu enhle isho abombuso kaNkulunkulu. Ukhula lusho labo ababuswa nguSathane,

39yena sitha esihlwanyela ukhula. Ukuvuna kuwukuphela komhlaba; abavuni yizingilosi.

40Njengoba ukhula lubuthwa lushiswe emlilweni, kuyoba njalo nasekupheleni komhlaba.

41INdodana yesintu iyothumela izingilosi zayo, zihlunge embusweni wayo bonke labo abakhubekisa abanye bawe ekukholweni, nalabo abayizigilamkhuba,

42zibaphose esithandweni somlilo, lapho beyokhala khona bagedle amazinyo.

43Abalungileyo bayokhanya njengelanga embusweni kaYise uNkulunkulu. Onendlebe akezwe engikushoyo!

Umzekeliso womcebo ofihliweyo

44“Umbuso wezulu unjengomcebo ufihlwe ensimini. Bese umuntu ezithela kuwo maqede awuthukuse. Ujabula yedwa ahambe athengise ngakho konke okwakhe, athenge leyonsimu.

Umzekeliso wetshe lengcebo eliyigugu

45“Umbuso wezulu futhi unjengomhwebi ehlwaya amatshe engceboamahle,

46okuthi angathola libe linye lentengo enkulu, ahambe athengise ngakho konke anakho abeselithenga.

Umzekeliso wenetha lokudoba

47“Umbuso wezulu futhi unjengabadobi bephonsa inetha elwandle, libambe inhlanganisela yezinhlanzi.

48Uma seligcwele balidonsela osebeni. Bahlala phansi, bahlunge ezidliwayo bazifake ezitsheni; bese kuthi lezo ezingadliwayo bazilahle.

49Kuyoba njalo-ke ekupheleni komhlaba. Izingilosi ziyofika ziqembule ababi kwabalungileyo,

50ziphonse ababi esithandweni somlilo lapho beyokhala khona bagedle amazinyo.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Okusha nokudala

51UJesu wayesethi: “Kunichachele yini konke lokhu esengikushilo na? ”
Baphendula bathi: “Yebo, sizwe kahle.”

52Wathi kubo: “Ngakhoke yilowo nalowo oyaziyo imibhalo engcwele efundisiwe
ngombuso wezulu, unjengomninindlu onyomula amagugu amasha namadala
emgodleni wakhe.”

UJesu bayamenqaba eNazaretha

(Mark 6:1-6; Luk 4:16-30)

53Kwathi lapho uJesu eseqedile ukulanda lemizekeliso wasuka kuleyondawo,

54waphindela kwelakubo eNazaretha. Wafike wafundisa esinagogeni labo.
Bamangala kakhulu, bathi: “Lomuntu ukuthathaphi lokhukuhlakanipha okungaka
nalawamandla okwenza izimangaliso na?

55Akasiyo yini indodana yombazi na? Ingani unina nguMariya, nabafowabo
ngoJakobe noJosefa noSimoni noJudasi?

56Odadewabo asihlezi nabo bonke lapha phakathi kwethu na? Ngabe lomuntu
wakuthathaphi konke lokhu na? ”

57Base bemkhipha inyumbazana. Kodwa uJesu wathi kubo: “Inyanga yaziswa kulo
lonke izwe, kepha ayinaludumo kwelakubo nakwabakwabo imbala.”

58Ngenxa yokungakholwa kwabo akenzanga misebenzi eminingi emangalisayo
lapho.

UMatewu 14

Ukubulawa kukaJohane umbhabhadisi

(Mark 6:14-29; Luk 9:7-9)

1Kuleyonkathi uHerodi inkosi eyayibusa elaseGalile yezwa ngoJesu.

2Yathi ezincekwini zayo: “NguJohane umbhabhadisi lona ovuke kwabafileyo;
yingakho nje enza lemisebenzi emangalisayo.”

3Phela inkosi uHerodi yayikade idumele uJohane yambopha ngamaketango,
yamgquma ejele ikhwezelwa nguHerodiya umkaFiliphu owayengumfowabo
wenkosi.

4Ngoba uJohane wayekade ethi: “Akumthetho ukuba ukipite naye.”

5Inkosi yayifisa ukumbulala, kepha yesaba abantu, ngoba bemazisa ngokuthi
ungumphrofethi.

6Kuthe mhla uHerodi egubha umkhosi ekhumbula usuku lokuzalwa kwakhe,
indodakazi kaHerodiya yasinela izimenywa. Yamhlaba umxhwele uHerodi

7waze wafunga wagomela wathi kuyo: “Cela noma yini oyithandayo, ngikuphe
yona! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Yayisisho lokho eyayikufunzwe ngunina, yathi: “Ngiphe ikhanda likaJohane umbhabhadisi khona lapha lilethwe ngogqoko! ”

9Inkosi yadangala kabi impela, kepha ngenxa yesethembiso eyayisifunge phambi kwezimenywa yakhipha izwi lokuba intombazane inikwe.

10Yathumela ejele ukuba uJohane anqunywe ikhanda,

11lase lilethwa ngogqoko entombazaneni, yalithatha yalidlulisela kunina.

12Abafundi bakaJohane baya bafike bathatha isidumbu sakhe basimbela. Bahamba babikela uJesu.

Izinkulungwane eziyisihlanu ziphiwa ukudla

(Mark 6:30-44; Luk 9:10-17; Joh 6:1-14)

13Kwathi ukuba uJesu akuzwe lokho, wasuka kuleyondawo ngesikebhe, waya endaweni eyihlane ukuba abe yedwa. Kuthe ukuba izihlwele zabantu zikuzwe lokhu, zasuka ngezinyawo zivela ezigodini ngezigodi zamlandela, zaya lapho ekhona.

14UJesu waphuma esikebheni wakhangwa uquqaba lwabantu, wayesefikelwa isihe, waphilisa abagulayo babo.

15Kuthe sekuhwalele abafundi basondela kuye bafike bathi: “Lendawo iyihlane, futhi nelanga selishonile. Tshela abantu bahlakazeke, baye emizini bazithengele okudliwayo.”

16Waphendula wathi: “Akudingekile ukuba bahambe. Bapheni nina badle! ”

17Base bethi kuye: “Sinezinkwa lapha eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili kuphela.”

18Wathi: “Kuletheni lapha kimi! ”

19Wathi abantu mabahlale phansi etshanini. Wathatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabhekisa amehlo ezulwini wabonga kuNkulunkulu. Wayesehlephula izinkwa, wazinika abafundi, base bezabela abantu.

20Badla bonke besutha. Kwabuthwa imvuthuluka, kwagcwaliswa amaqoma ayishumi nambili.

21Amadoda adlayo lapho alinganiselwa ezinkulungwaneni eziyisihlanu, bengabalwa abesifazane nabantwana.

UJesu uhamba phezu kwamanzi

(Mark 6:45-52; Joh 6:15-21)

22UJesu wayesebaphoqelela abafundi bakhe ukuba bangene esikebheni, bamendulele baye ngaphesheya kwechibi, ngenkathi esahlakaza abantu.

23Kuthe esekwenzile lokho, wenyukela yedwa entabeni eyokhuleka. Sekuhlwile uJesu wayesalokhu eyedwa kuleyondawo;

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24kepha ngalesosikhathi isikebhe sase siqhelelene ibanga elikhulu nasogwini. Sashukunyiswa ngamagagasi, ngoba umoya wawuvunguza uphambana nabo.

25Kwathi kusebusukwaneni ngemuva kokukhala kwezinkukhu zesibili, uJesu weza ngakubo ehamba phezu kwamanzi.

26Lapho bembona ehamba phezu kwamanzi, bethuka kabi. Babethi ngumungcwi, base besho ngengila bethukile.

27UJesu waphuthuma wabakhulumisa wathi: “Yimani isibindi, yimi bo, ningesabi! ”

28UPhetro waphendula wathi: “Nkosi, uma kunguwe ngempela, shono ngihambe phezu kwamanzi ngize kuwe! ”

29UJesu wathi kuye: “Woza! ” Nempela uPhetro waphuma esikebheni, wahamba phezu kwamanzi waqonda kuJesu.

30Kodwa lapho ebona ukuthi umoya uyavunguza wethuka, wayeseqala ukuzika. Wakhala wathi: “Nkosi, ngisindise! ”

31UJesu welula isandla, wamphuthuma wambamba wathi: “Wena onokukholwa okuncane, ungabazeleni na? ”

32Bakhwela esikebheni, umoya wawusuthula.

33Ababesesikebheni baguqa ngamadolo bamkhulekela uJesu bethi: “Ngempela uyiNdodana kaNkulunkulu! ”

UJesu uphilisa abagulayo eGenezaretha

(Mark 6:53-56)

34Bawelela ngaphesheya kwechibi baphumela ogwini ezweni laseGenezaretha.

35Abantu baleyondawo bambona qede uJesu, bathumela kulo lonke lelozwe, kwasiwa kuye zonke iziguli,

36bafike bamnxusa ukuba azivumele zithinte okungenani umphetho nje wengubo yakhe; bonke abawuthintayo baphiliswa.

UMatewu 15

Amasiko abantu basendulo

(Mark 7:1-13)

1Abafarisi nezazimibhalo ababevela eJerusalema basondela kuJesu, bafike bambuza bathi:

2“Kwenziwa yini ukuba abafundi bakho baphambane namasiko abantu basendulo? Ngoba uma sebezokudla kabazihlambi izandla ngokwesiko.”

3Waphendula wathi: “Nina uqobo niweqelani umyalo kaNkulunkulu nilandele amasiko enu na?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Ngoba uNkulunkulu wathi: ‘Yazisa uyihlo nonyoko! ’ wabuye wathi: ‘Lowo ohlambalaza uyise noma unina akabulawe.’

5Kepha nina nifundisa ukuthi, uma umuntu etshela uyise kumbe unina ethi: ‘Ebengizokusiza ngakho sengikwahlukanisele uNkulunkulu,’

6akasaphoqekile lomuntu ukuba azise uyise. Ngalokhu anikushayi mkhuba okushiwo nguNkulunkulu, niyaye nikuchithe ngokufundisa amasiko enu.

7Bazenzisindini! Kanti wayeqinisile umphrofethi uIsaya lapho ebikezela amazwi kaNkulunkulu ayewasho ngani ethi:

8“ ‘Lesisizwe singidumisa ngomlomo nje, kepha izinhliziyo zabo zikude nami.

9Ukungikhonza kwabo kuyize nje; bafundisa imithetho eshaywe ngabantu kube sengathi ivela kimi! ’ ”

Okungcolisa umuntu abe ngongahlanzekile

(Mark 7:14-23)

10UJesu wabiza isixuku sasondela kuye wathi kuso: “Lalelani lapha ningizwe kahle!

11Akusikho okungena ngomlomo okungcolisa umuntu abe ngongahlanzekile; kepha okuphuma emlonyeni yikhona okumngcolisayo.”

12Abafundi base besondela kuye bafike bathi: “Uyazi nje ukuthi lokhu obukusho kubacunulile abafarisi na? ”

13Kepha waphendula wathi: “Yileso nalesosithombo esingatshalwanga nguBaba osezulwini siyosishulwa.

14Bayekeni benjalo! Bayizimpumputhe ezihola ezinye. Uma izimpumputhe ziholana, zokhalakathela emgodini zombili.”

15UPhetro wathi: “Sichazele ukuthi lomzekeliso usho ukuthini! ”

16UJesu wathi: “Kanti nani anikaqondi namanje na?

17Aniboni yini ukuthi konke okungena ngomlomo kuya esiswini, bese kuphuma ngasese na?

18Kodwa lokho okuphuma emlonyeni kuvela enhliziyweni bese kumngcolisa umuntu abe ngongahlanzekile.

19Ngoba enhliziyweni kuvela imicabango emibi ebanga umuntu ukuba abulale, aphinge, enze nokunye okunjalo okungcolileyo, ebe, afakaze amanga agxeke.

20Yilokho-ke okungcolisa umuntu, kodwa ukudla ngezandla zingahlanjiwe ngokwesiko akumngcolisi umuntu.”

Ukukholwa kowesifazane wakwaKhanana

(Mark 7:24-30)

21UJesu wasuka lapho, waqonda endaweni eseduze nemizi yaseThire naseSidoni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Kwakukhona kulelozwe owesifazane othile ongowakwaKhanana. Waya kuJesu
wafike wamemeza wathi: “Nkosi Ndodana kaDavide, ngihawukele; indodakazi
yami ikhathazwa kabi yidimoni.”

23Akaze amphendula. Abafundi baya kuJesu, bafike bamncenga bathi: “Menzele
akufunayo asuke lapha! Ulokhu esilandela esifundekela ngomsindo.”

24UJesu wathi: “Ngithunyelwe kuphela kubantu besizwe sakwaIsrayeli
abayizimvu ezilahlekileyo.”

25Owesifazane waya wafike wakhothama phambi kwakhe wathi: “Nkosi ngisize! ”

26UJesu wathi: “Akulungile ukuba kuthathwe ukudla kwabantwana kuphonselwe
izinja.”

27Owesifazane wamphendula wathi: “Yebo, kunjalo Nkosi, izinja ziyaye ziyidle
kodwa imvuthuluka eqathaka ogqokweni lwabaninizo.”

28UJesu wayesethi kuye: “Awu, mame! Kwaze kwakukhulu ukukholwa kwakho!
Kuzokwenzeka lokho okufunayo.” Indodakazi yaphila ngaso lesosikhathi.

UJesu uphilisa abantu abaningi

29UJesu wasuka lapho, wahamba wagudla ichibi laseGalile. Wenyukela entabeni
wafike wahlala phansi.

30Izindimbane zabantu zaya kuye zilethe izinyonga nezimpumputhe nezishosha
nezimungulu nabanye abaningi. Zafike zababeka ngasezinyaweni zakhe,
wabaphilisa.

31Abantu bamangala lapho bebona ukuthi izimungulu seziyakhuluma, izishosha
sezisindile, izinyonga seziyahamba, izimpumputhe seziyabona. Base bedumisa
uNkulunkulu wakwaIsrayeli.

Izinkulungwane ezine ziphiwa ukudla

(Mark 8:1-10)

32UJesu wabiza abafundi bakhe basondela, wathi kubo: “Ngifikelwa yisihe
ngalezizinkumbi zabantu. Sebehlale nami izinsuku ezintathu, manje bazodlani?
Angithandi ukuba bahambe belambile, ngoba hleze bapatalale nasendleleni
sebegoduka.”

33Abafundi baphendula bathi: “Pho kulelihlane umuntu angakuthathaphi ukudla
okungenela zonke lezizinkumbi zabantu na? ”

34UJesu wababuza wathi: “Ninezinkwa ezingaki? ” Baphendula bathi:
“Ziyisikhombisa, nezinhlanzana ezimbalwa.”

35Wahlalisa abantu phansi.

36Wathatha izinkwa eziyisikhombisa nezinhlanzi, wabonga kuNkulunkulu
wazihlephula, wazinika abafundi, base bezabela isixuku.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

37Badla bonke besutha. Kwase kubuthwa imvuthuluka, kwagcwaliswa amaqoma ayisikhombisa.

38Abadlayo lapho babeyizinkulungwane ezine, bengabalwa abesifazane nabantwana.

39Wahlakaza abantu, wangena esikebheni waya ezweni laseMagadani.

UMatewu 16

Inkani yabafarisi befuna isibonakaliso

(Mark 8:11-13; Luk 12:54-56)

1Abafarisi nabasadusi baya kuJesu besophe ukumhila. Bathi kakhombise ngesibonakaliso ukuthi unamandla avela ezulwini.

2Kodwa wabaphendula wathi: “Uma nibona amayezi ebhejile lapho seliyoshona, niyaye nithi: ‘Lizobalela nasebukhweni bezinja.’

3Uma nivuka ekuseni nibona amayezi ebhejile lisithile, nithi: ‘Lizophendula namuhla.’ Niyakwazi ukufunda izimpawu ezibonakala esibhakabhakeni; pho nehlulwa yini ukuqonda izibonakaliso zalemihla?

4Abantu balemihla bayisizukulwane esonakeleyo esihlubuka uNkulunkulu. Bafuna isibonakaliso, kodwa kabazukukhonjiswa sibonakaliso ngaphandle kwalokho okwavelela umphrofethi uJona.” Wasuka wabashiya kanjalo.

Imvubelo yabafarisi nabasadusi

(Mark 8:14-21)

5Kwathi lapho abafundi sebewelela ngaphesheya kwechibi, kwahlaluka ukuthi bakhohlwe umphako.

6UJesu wathi kubo: “Hlalani niqaphele, nixwaye imvubelo yabafarisi nabasadusi! ”

7Bakuzindla lokhu bebodwa bethi: “Ukusho lokhu ngoba singaphathanga sinkwa.”

8UJesu waphawula ukuthi bacabangani wayesethi: “Nizikhathazelani ngokuthi aninasinkwa, nina bokukholwa okuncane na?

9Ngabe kusahlwe ngci engqondweni yenu na? Anisakhumbuli yini mhla ngihlephula izinkwa eziyisihlanu ngabela izinkulungwane eziyisihlanu, ukuthi kwasala amaqoma amangaki na?

10Nangamhla ngihlephula izinkwa eziyisikhombisa ngabela izinkulungwane ezine, ukuthi kwasala iziqabetho ezingaki na?

11Akunichacheli ngani ukuthi bengingakhulumi kini ngezinkwa na? Xwayani imvubelo yabafarisi nabasadusi! ”

12Kwase kubachachela abafundi ukuthi ubengabaxwayisi ngemvubelo ebilisa isinkwa, kodwa ubeqonde imfundiso yabafarisi nabasadusi.

Ubufakazi bukaPhetro ngoJesu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mark 8:27-30; Luk 9:18-21)

13Kwathi lapho uJesu esefikile endaweni eseduze nomuzi waseKhesariya Filiphi,
wabuza kubafundi bakhe wathi: “Abantu bathi iNdodana yesintu ingubani na? ”

14Bamphendula bathi: “Kukhona abathi unguJohane umbhabhadisi, abanye bathi
unguElija, kanti-ke nabanye bathi unguJeremiya noma omunye kubaphrofethi.”

15Wayesethi: “Pho nina nithi ngingubani na? ”

16USimoni Phetro wamphendula wathi: “UnguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu
ophilayo.”

17UJesu wathi kuye: “Ubusisiwe wena Simoni kaJona, ngoba leliqiniso
kawulembulelwanga ngumuntu walomhlaba, kodwa ulembulelwe nguBaba
osezulwini.

18Nami-ke ngiyaqinisa ngithi kuwe: Wena unguPhetro. Kulelidwala ngiyobeka
isisekelo sebandla lami, ngisho nokufa imbala ngeke kulizamazamise kulinqobe.

19Wena ngiyokunika izihluthulelo eziyigunya lombuso wezulu. Konke
oyokubopha emhlabeni kuyobe kuboshiwe nasezulwini, oyokukhulula emhlabeni
kuyobe kukhululiwe nasezulwini.”

20Wayesexwayisa abafundi, wathi bangatsheli muntu ukuthi unguMesiya.

UJesu ubikezela ukufa kwakhe

(Mark 8:31 - 9:1; Luk 9:22-27)

21Kwasukela ngalesosikhathi uJesu waqala ukuchazela abafundi ukuthi kumele
aye eJerusalema afike ahlupheke kabi, izigele nezikhulu zabaphristi kanye
nezazimibhalo zimhluphe, abulawe, avuke ngosuku lwesithathu.

22UPhetro wayesemdonsela eceleni, wamkhuza wathi: “Phinde, Nkosi! Lokhu
akungenzeki kuwe! ”

23Waphendukela kuPhetro wathi: “Deda kimi Sathane! Ungivimba entweni
okufanele ngiyenze, ngoba izinto awuzibuki ngeso likaNkulunkulu, kodwa uzibuka
ngamehlo abantu.”

24UJesu wayesethi kubafundi bakhe: “Uma umuntu ethanda ukuba ngumlandeli
wami, akazidele etshathe isiphambano sakhe angilandele.

25Ngoba lowo ofuna ukuhlenga ukuphila kwakhe kuyomlahlekela, kepha odela
ukuphila kwakhe ngenxa yami uyokuzuza.

26Kungamsiza ngani umuntu ukuba azuze konke okomhlaba, kepha alahlekelwe
ngukuphila kwakhe na? Ngeke akuthenge ngalutho ukuphila kwakhe kubuyele
kuye.

27INdodana yesintu iyokuza nezingilosi zayo ngobukhosi bukaYise, ibisivuza lowo
nalowo njengalokho akwenzileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Ake nilalele nginitshele! Kukhona abanye lapha abangayikuthathwa ukufa besahlalele ukufika kosuku abayobona iNdodana yesintu iza ngalo ngenkazimulo yobukhosi.”

UMatewu 17

UJesu uguquka esinye isimo
(Mark 9:2-13; Luk 9:28-36)

1Kwadlula izinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPhetro nezelamani oJakobe noJohane, wemuka nabo benyukela entabeni ende, bebodwa.

2Waguquka bembuka, ubuso bakhe bakhazimula njengelanga, nezingubo zakhe zaba mhlophe zaxhopha.

3Khona lapho babona uMose kanye noElija bekhuluma naye.

4UPhetro wathi kuJesu: “Nkosi, kube kuhle kabi ukuba sibe lapha. Uma uthanda, ngizomisa lapha amadokodo amathathu, elakho nelikaMose nelikaElija! ”

5Kuthe engakaligwinyi, bethuka ngefu elicwazimulayo libasithibeza, bese kuzwakala izwi efwini lithi: “Lo uyiNdodana yami engiyithandayo nengithokoza ngayo. Lalelani ekushoyo! ”

6Abafundi bezwa bafikelwa uvalo, bathi mbo ngobuso emhlabathini.

7UJesu waya kubo wafike wabathinta wathi: “Vukani, nime isibindi ningesabi! ”

8Bavusa amakhanda baqalaza, kodwa kababona muntu, babona uJesu kuphela.

9Kuthe besehla entabeni uJesu wabaxwayisa wathi: “Ningalokothi nitshele muntu ngalombono, iNdodana yesintu ingakavuki kwabafileyo.”

10Abafundi bambuza bathi: “Zikusho ngani izazimibhalo ukuthi kumele kufike uElija kuqala na? ”

11Waphendula wathi: “Kunjalo, kofika uElija ezohlela konke.

12Kodwa-ke ngiyanitshela ukuthi sewafika uElija, kepha kabambonanga, benza kuye abakuthandayo. Ngokunjalo bayoyiphatha kabi ngisho neNdodana yesintu.”

13Kwase kubachachela-ke abafundi ukuthi ukhuluma ngoJohane umbhabhadisi.

UJesu uphilisa umfana onedimoni
(Mark 9:14-29; Luk 9:37-43a)

14Babuyela esixukwini, kwafike kwaguqa umuntu phambi kukaJesu

15wathi: “Nkosi, hawukela indodana yami! Iphethwe yisithuthwane siyihlupha kabi, sekukaningi iphoseka emlilweni nasemanzini.

16Bengiyilethe lapha kubafundi bakho, kepha behlulekile ukuyiphilisa.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17UJesu wathi: “Hhawu, loluhlobo lwabantu abonakeleyo abangenalo ukholo! Koze
kube nini ngihlezi nani na? Ngiyonibekezelela kuze kube nini na? Mletheni lapha
kimi! ”

18UJesu walikhuza idimoni lase liphuma kumfana; waphila ngaso lesosikhathi.

19Abafundi basondela kuJesu bambuza bebodwa bathi: “Sehlulwe yini ukukhipha
idimoni kumfana na? ”

20Wabaphendula wathi: “Yingoba ninokholo oluncane. Niyabona! Ukuba
beninokholo olungangohlamvana lwesihlahla sikamasitadi, beniyothi kulentaba
ayisuke lapha iye laphaya, ngempela isuke. Akukho lutho eniyokwehluleka
ukulwenza.

[21Kodwa umoya onjengalowo unqotshwa kuphela ngokukhuleka nokuzila
ukudla.]”

UJesu uyaphinda ubikezela ukufa kwakhe
(Mark 9:30-32; Luk 9:43b-45)

22Kwathi lapho sebeqoqene eGalile, uJesu wathi kubafundi: “INdodana yesintu
izonikelwa ezandleni zabantu,

23bayibulale, kodwa ivuke ngosuku lwesithathu.” Base bedabuka kakhulu.

Intela yethempeli

24Kuthe sebefikile eKhaphenawume, omabhalane bentela yethempeli basondela
kuPhetro bambuza bathi: “Ngabe umfundisi wenu uyayikhokha nje intela
yethempeli na? ”

25Waphendula wathi: “Uyayikhokha.” Kuthe uPhetro esengene endlini, uJesu
wamkhulumisa kuqala wathi: “Uthini wena Simoni ngalokhu? Amakhosi
alomhlaba ayibiza kobani intela yempahla nentela yekhanda na? Ayibiza
emadodaneni awo noma kubafo na? ”

26Waphendula wathi: “Kubafo.” UJesu wayesethi: “Ngakhoke amadodana
akhululekile, ukuba angakhokhi.

27Nokho ukuba singabacunuli, hamba uye echibini, ufike uphose udobo lwakho.
Inhlanzi oyoyibamba kuqala, uyoyivula umlomo uthole uhlamvu lwemali, bese
uluthatha ususithelela sobabili.”

UMatewu 18

Ngubani omkhulu embusweni wezulu?
(Mark 9:33-37; Luk 9:46-48)

1Abafundi basondela kuJesu ngalesosikhathi, bafike bambuza bathi: “Ngabe
ngubani omkhulu kunabanye embusweni wezulu na? ”

2UJesu wabiza umntwana, wammisa phakathi kwabo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3wathi: “Ake nilalele nginitshele! Uma ningaphenduki nibe njengabantwana, anisoze namukelwa embusweni wezulu.

4Lowo ozithobayo abe njengalomntwana, nguye omkhulu kunabanye embusweni wezulu.

5Lowo owemukela umntwana abe munye onje ngenxa yami, wemukela mina.

Izikhubekiso
(Mark 9:42-48; Luk 17:1-2)

6“Okhubekisa abe munye nje kulaba abancane abakholwa kimi, amwise ekukholweni, bekungangcono koluwomuntu ukuba kuboshelwe inguzunga yetshe entanyeni yakhe, aminziswe lapho ulwandle lujule khona.

7Maye kulomhlaba ngenxa yezikhubekiso! Kumele zibe khona, kodwa nakho kulowomuntu ezivela ngaye!

8“Nquma isandla sakho nonyawo lwakho, lezizitho uzilahle uma zikukhubekisa! Kungcono kuwe ukuba ungene ekuphileni okuphakade uyingini noma uyisinqekle kunokuba uphonswe emlilweni ongacimekiyo, unezandla nezinyawo zombili.

9Neso lakho uma likukhubekisa, likipilite, ulilahle! Kungcono ukuba ungene ekuphileni okuphakade uneso elilodwa kunokuba uphonswe emlilweni wesihogo unamehlo omabili.

Umzekeliso wemvu elahlekileyo
(Luk 15:3-7)

10“Qaphelani ningabukeli phansi noyedwa nje kulaba abancane. Ngiqinisile impela, izingilosi zabo zihlala njalo zibubhekile ubuso bukaBaba osezulwini.

[11INdodana yesintu izele ukusindisa okulahlekileyo.]

12“Nithi angenze njani umuntu enezimvu eziyikhulu abesedukelwa ngeyodwa kuzo na? Akazishiyi yini edlelweni zonke lezi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, ahambe ayofuna lena elahlekileyo na?

13Ngiyanitshela impela ngithi, uyoyijabulela kakhulu lemvu uma eseyitholile kunalezo ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ebezingalahlekile.

14Kanjalo noYihlo osezulwini akathandi ukuba kulahleke noyedwa nje kulaba abancane.

Ukubonisa umzalwane
(Luk 17:3)

15“Uma umzalwane wakho ekona, yana kuye ufike umbonise iphutha lakhe ninodwa. Uma elivuma uyobe umzuzile umzalwane wakho.

16Kodwa uma engalivumi, thatha oyedwa noma ababili uhambe nabo ubuyele kuye, ukuze ‘konke okudingidwayo kuqiniswe ngofakazi ababili noma abathathu’.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Uma engafuni ukubezwa, bikela ibandla! Kodwa uma esaqhubeka, enqaba ukulalela ngisho nebandla, akabe njengongakholwayo nomthelisi .

Ukubopha nokukhulula

18“Ngiyaqinisa impela ngithi, konke enikubophayo emhlabeni kuyobe kuboshiwe nasezulwini, nalokho enikukhululayo emhlabani kuyobe kukhululiwe nasezulwini.

19“Futhi ngithi kini, uma ababili kini lapha emhlabeni bevumelana ngento ethize beyicela ngomkhuleko, uBaba osezulwini uyobenzela yona.

20Ngoba lapho kuhlangene khona ababili noma abathathu ngegama lami, ngikanye nabo lapho.”

Umzekeliso ngesisebenzi esingathetheleli

21UPhetro wasondela kuJesu wafike wabuza wathi: “Nkosi, ngiyomthethelela kangaki umzalwane wami uma elokhu engona na? Kuze kube kasikhombisa na? ”

22UJesu wamphendula wathi: “Qha, akungabi kasikhombisa nje, kodwa akube kasikhombisa kuphindwe ngamashumi ayisikhombisa.

23Uyabona-ke, embusweni wezulu uNkulunkulu ubusa njengenkosi eyayiqonde ukubonisana nezisebenzi zayo ukuthi kufanele ziyikhokhele malini.

24Kuthe isaqala nje ukubala, kwalethwa isisebenzi okwakufanele siyikhokhele izigidi zezimali.

25Sehluleka ukukhokha, ngakhoke ukuba kukhokhwe leyomali inkosi yathi akuthengiswe ngaso kanye nomkaso nabantwana baso, sidliwe yonke impahla.

26Isisebenzi sakhothama phambi kwenkosi, sazikhalela sathi: ‘Ngibekezelele, ngizokukhokhela konke! ’

27Inkosi yasidabukela lesosisebenzi, yasixolela, yalesula icala laso, yasidedela.

28“Yathi iphuma leyondoda yahlangana nomunye walabo esebenza kanye nabo. Wayefanele ukuyikhokhela imali engangezinhlamvu eziyikhulu zesiliva. Yambamba ngobhongwana, yamklinya ithi: ‘Yikhokhe yonke imali yami! ’

29Lesisisebenzi sazilahla phansi, sazikhalela kuyo sathi: ‘Ngibekezelele, ngizokukhokhela! ’

30Kepha yenqaba, kunalokho yahamba yathi masiboshwe size siyikhokhe yonke imali.

31Ezinye izisebenzi zakubona lokhu zakhathazeka kakhulu, zakubikela inkosi konke.

32Inkosi yasibiza lesosisebenzi yathi kuso: ‘Hawu, sonakalindini! Ngakuxolela lonke icala lakho lapho uzikhalela kimi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33Bekungafanele yini ukuba nawe usizwele lesisisebenzi njengoba nami ngakuzwela na? ’

34Inkosi yathukuthela yathelwa ngamanzi, yasinikela ezikhonzini zayo ukuba sijeziswe size siyikhokhe yonke imali.

35Naye-ke uBaba osezulwini uyokwenze njalo kini kulowo ongathetheleli umzalwane wakhe ngenhliziyo yonke.”

UMatewu 19

UJesu ufundisa ngesahlukaniso

(Mark 10:1-12)

1Kuthe uJesu eseyiphethile lenkulumo, wasuka kwelaseGalile waya ezweni laseJudiya elingaphesheya komfula iJordani.

2Walandelwa yizindimbane zabantu, waziphilisa lapho.

3Kwasondela kuye abafarisi besophe ukumhila. Bambuza bathi: “Kungumthetho yini ukuba indoda ichithe umkayo noma ngasiphi isizathu na? ”

4Waphendula wathi: “Anifundanga yini embhalweni ongcwele ukuthi ekuqaleni uMvelinqangi wadala abantu baba ngowesilisa nowesifazane na?

5Wathi: ‘Ngakhoke indoda ayodela uyise nonina inamathele kumkayo, laba bobabili babe nyamanye.’ ”

6UJesu wagcina ngokuthi: “Ngakhoke kabasebabili, kepha sebenyamanye. Lokho-ke osekuhlanganiswe nguMvelinqangi akungahlukaniswa muntu! ”

7Abafarisi bambuza bathi: “Kwakungani pho ukuba uMose ayaleze athi indoda ingamchitha umkayo ngokumnika incwadi yesehlukaniso na? ”

8Waphendula wathi: “UMose wanivumela ukuba nibachithe omkenu, ngoba ninamakhanda alukhuni. Kodwa kwakungenjalo ekuqaleni kwendalo.

9Ngithi kini, leyondoda echitha umkayo ngaphandle kokuba enecala lokuphinga ibisiganwa ngomunye iyaphinga.”

10Abafundi bathi kuye: “Uma ngabe kunjalo phakathi kwendoda nomkayo kungangcono ukungaganani.”

11Waphendula wathi: “Lemfundiso ayinakwamukelwa yibo bonke abantu, kuphela yilabo abakunikwe nguNkulunkulu ukuba bayamukele.

12Kukhona labo abangeganwe ngoba bedaleke kanjalo, kukhona abangenakuganwa ngoba abanye bebathenile. Kukhona nabanye abazimisele ukungaganani, bezithiba ngoba besebenzela umbuso wezulu. Lowo ongayamukela lemfundiso akayemukele! ”

UJesu ubusisa abantwana

(Mark 10:13-16; Luk 18:15-17)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Bayisa izingane kuye ukuba azibeke izandla azikhulekele, kodwa abafundi babakhuza babavimbela.

14Kepha uJesu wathi: “Bayekeni abantwana beze kimi, ningabavimbeli, ngoba umbuso wezulu ungowabanje.”

15Wayesebabusisa ebabeka izandla, wahamba.

Insizwa ecebileyo
(Mark 10:17-31; Luk 18:18-30)

16Kwaqhamuka insizwa yeza kuJesu yambuza yathi: “Mfundisi, kumele ngenzeni elungileyo ukuba ngithole ukuphila okuphakade na? ”

17UJesu waphendula wathi: “Ungibuzelani ngokwenza okulungileyo na? Munye kuphela olungileyo. Uma uthanda ukufinyelela ekuphileni okuphakade, gcina imiyalo yakhe! ”

18Insizwa yambuza yathi: “Usho miphi imiyalo na? ” Wathi kuyo: “Yile: ‘Ungabulali; ungaphingi; ungebi; ungafakazi amanga;

19yazisa uyihlo nonyoko! ’ nalowo othi: ‘Wothanda wonke umuntu ngothando ozithanda ngalo! ’ ”

20Insizwa yathi: “Ngiyigcinile yonke lemiyalo. Yikhuphi okunye okusileleyo na? ”

21Wayiphendula wathi: “Uma ufuna ukuba ulunge uphelele, hamba uthengise ngakho konke onakho, wabele abampofu, yikhona uyoba nengcebo ezulwini. Usungeza-ke ungilandele! ”

22Kuthe insizwa ingakuzwa lokhu yahamba umoya wayo udikibele, ngoba yabe iyisigwili.

23UJesu wathi kubafundi bakhe: “Lalelani lapha nginitshele! Kulukhuni kuyitshe ukuba isicebi singene embusweni wezulu!

24Yebo ngiyanitshela ngithi, kulula ukuba ikameli lichushe entunjeni yosungulo kunokuba isicebi singene embusweni wezulu.”

25Kuthe abafundi bangakuzwa lokhu bamangala kakhulu base bethi: “Pho uma kunjalo, kungasindiswa bani na? ”

26UJesu wababheka wathi kubo: “Abantu bangekwenze lokhu, kepha uNkulunkulu akehlulwa lutho.”

27UPhetro wayesethi kuJesu: “Nakhu thina, silahle phansi konke ebesinakho salandela wena. Siyotholani na? ”

28UJesu waphendula wathi: “Ngiyaqinisa impela ngithi, kuyothi mhla iNdodana yesintu ihlala esihlalweni sayo sobukhosi ezweni elisha, nani-ke eningilandelayo nihlale ezihlalweni zobukhosi eziyishumi nambili nibuse izizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Lowo odela izindlu zakhe noma abafowabo noma odadewabo noma uyise noma unina noma abantwana noma amasimu, konke lokhu ekwenzela mina, uyophiwa kuphindwe ngekhulu, bese edla ifa lokuphila okuphakade.

30Into nje, abaningi abangabokuqala manje, bayoba ngabokugcina, nabaningi abangabokugcina manje babe ngabokuqala.

UMatewu 20

Izisebenzi esivandeni somvini

1“Niyabona, umbuso wezulu unjengomninindlu ephuma ekuseni kakhulu eyoqasha izisebenzi zesivini sakhe.

2Okuthe esevumelene nazo ukuthi yilowo nalowo uzohola uhlamvu lwemali eyisiliva ngosuku, wazithumela ukuba ziyosebenza esivinini sakhe.

3Wabuye wasuka ngesikhathi sokufudumala kwelanga, waya lapho kubuthana khona abafuna umsebenzi, wabona abanye bemile bengenzi lutho.

4Wathi kubo: ‘Nani hambani niyosebenza esivinini sami; ngizonikhokhela iholo elikahle.’

5Bahamba-ke. Waphindela eminibebade nangesikhathi santambama waqasha.

6Lase libantubahle waphindela, wabona abanye bemile. Wababuza wathi: ‘Nimeleni lapha usuku lonke, ningenzi lutho na? ’

7Bamphendula bathi: ‘Yingoba singaqashwa muntu.’ Wayesethi kubo: ‘Hambani nani niyosebenza esivinini sami! ’

8“Kwathi selishonile umninisivini wathi enduneni yomsebenzi: ‘Biza izisebenzi uziholele, uqale ngalabo abafike muva ugcine ngabafike kuqala! ’

9Labo ababeqashwe selibantubahle baholelwa uhlamvu olulodwa emunye.

10Ngenkathi befika abokuqala, babethi bazohola bedlule abanye, kodwa nokho bathola uhlamvu olulodwa emunye.

11Bahola qede base bekhononda kumninisivini

12bathi: ‘Laba bamuva basebenze isikhashana nje, nokho ubalinganise nathi, thina esidonse kanzima usuku lonke sishiswa yilanga.’

13Umninisivini waphendula omunye wathi: ‘Mngane wami, angikuqoli! Asivumelananga yini ngohlamvu olulodwa ngosuku na?

14Thatha okungokwakho uphume uphele lapha. Kepha nakulona wamuva kuthande mina ukumholela nilingane.

15Kanti anginalungelo lokwenza engikuthandayo ngezinto zami na? Usuze waneso elibi ngoba ngiphana na? ’ ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16UJesu waphetha ngokuthi: “Ngakhoke abamuva bayoba ngabokuqala, abokuqala babe ngabokugcina.”

Sekungokwesithathu uJesu ebikezela ukufa kwakhe
(Mark 10:32-34; Luk 18:31-34)

17Kuthe uJesu esenyukela eJerusalema, wathatha abayishumi nambili waqhela nabo. Babesendleleni wayesethi kubo:

18“Lalelani, senyukela eJerusalema manje. INdodana yesintu izonikelwa ezikhulwini zabaphristi kanye nezazimibhalo. Zizoyinqumela ukufa,

19ziyinikele kwabezizwe, bayenze inhlekisa, bayibhaxabule, bayibethele esiphambanweni, kepha ivuke ekufeni ngosuku lwesithathu.”

Isicelo sikaJakobe noJohane
(Mark 10:35-45)

20UmkaZebedi wasondela namadodana akhe amabili kuJesu, wamkhothamela wafaka isicelo.

21UJesu wambuza wathi: “Ukhala ngani na? ” Waphendula wathi: “Ngethembise ukuthi lamadodana ami omabili ayohlala akuphahle ebukhosini bombuso wakho, enye ibe ngakwesokunene sakho, nenye ngakwesokhohlo.”

22UJesu wathi: “Anazi ukuthi nifunani nina. Ningakumela yini ukuphuza indebe yokuhlupheka engizoyiphuza na? ” Bamphendula bathi: “Singakwenza.”

23UJesu wayesethi kubo: “Yebo, niyoyiphuza indebe yokuhlupheka kwami, kodwa akukhona okwami ukuhlalisa ngakwesokunene nangakwesokhohlo sami. Lezozikhundla zingezalabo asebazilungiselwa nguBaba.”

24Abayishumi bakuzwa lokho base bezicasukela izelamani ezimbili.

25UJesu wababiza bonke basondela, wathi kubo: “Niyazi ukuthi ababusi bezizwe banamandla phezu kwazo, nezikhulu ziyazibusa ngalabo ezibaphetheyo.

26Akufanele kube njalo kini, kodwa lowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu akabe yinceku yabanye,

27lowo ofuna ukuba ngowokuqala akabe yisisebenzi senu.

28Kunjengoba iNdodana yesintu ingezile ukuba ibe nezinceku, kodwa ize ukuba ibe yinceku yabanye, idele ukuphila kwayo kube yisihlengo sokukhulula abaningi.”

UJesu uphilisa izimpumputhe ezimbili
(Mark 10:46-52; Luk 18:35-43)

29Baphuma emzini waseJerikho, uJesu walandelwa uquqaba olukhulu.

30Kwakuhlezi izimpumputhe ezimbili eceleni kwendlela. Zathi zingezwa ukuthi kudlula uJesu, zamemeza zathi: “Nkosi, Ndodana kaDavide, sihawukele! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31Isixuku sabakhuza, kepha sabe sisathe abathule, baqala phansi basho kakhulu bathi: “Nkosi, Ndodana kaDavide, sihawukele! ”

32UJesu wema, wabamemeza wababuza wathi: “Nifuna ukuba nginenzeleni na? ”

33Bamphendula bathi: “Nkosi, ukuba usivule amehlo sibone.”

34UJesu wafikelwa yisihe, wabathinta amehlo. Bavuleka amehlo babona ngaso lesosikhathi, base bemlandela.

UMatewu 21

UJesu ungena ngodumo eJerusalema

(Mark 11:1-11; Luk 19:28-40; Joh 12:12-19)

1Basondela eJerusalema, bafika emzaneni waseBhetfage ngaseNtabeni yemiHlwathi. UJesu wathuma abafundi ababili,

2wathi kubo: “Hambani niye kunankuya umuzi. Niyofike nibone imbongolo ikhulekiwe inenkonyane. Zithukululeni nizilethe kimi!

3Uma ngabe kukhona onikhulumisayo, anothi: ‘INkosi iyazidinga, kodwa izosheshe izibuyise.’ ”

4Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngomlomo womphrofethi lapho kuthiwa:

5“Memezelani emzini waseZiyoni nithi: ‘Nansi iNkosi yakho iza kuwe, imnene, igibele imbongolo, inkonyane yesilwane esiboshelwayo.’ ”

6Abafundi bahamba-ke, benza njengoba uJesu ebatshelile.

7Bayisa imbongolo nenkonyane kuJesu, bendlala izingubo zabo emihlane yazo, wagibela.

8Kwasuka abantu abaningi esixukwini bendlala izingubo zabo endleleni. Abanye bahlusula amahlamvu ezihlahla bawendlala endleleni.

9Umshungu wabantu owawuhamba ngaphambili nowawumlandela wamemeza wathi: “Bayede, Ndodana kaDavide! Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi abayibika ukuthi iyeza! Khuzani ubayede kweliphezulu! ”

10Kuthe esangena eJerusalema, umuzi wonke wahlokoma waphithizela. Abantu base bebuza bethi: “Ngabe ngubani lo? ”

11Izihlwele zabantu zathi: “Lo, nguJesu umphrofethi waseNazaretha kwelaseGalile.”

Ukuhlanzwa kwethempeli

(Mark 11:15-19; Luk 19:45-48; Joh 2:13-22)

12UJesu wangena ethempelini, waxosha ababethengiselana ngempahla kulo. Wagumbuqela amatafula alabo ababeshintshela abantu imali, waketula nezihlalo zababethengisa ngamajuba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Wathi kubo: “Embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi: ‘Indlu yami iyobizwa
ithiwe yindlu yokukhuleka.’ Kepha nina manje seniyenza umgede wabaphangi! ”

14Izimpumputhe nezinyonga zaya kuJesu ethempelini, waziphilisa.

15Kepha izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zathukuthela lapho zibona
izimangaliso azigilayo, zizwa nabantwana bememeza ethempelini bethi: “Bayede,
Ndodana kaDavide! ”

16Zathi kuye: “Uyabezwa nje ukuthi bathini? ” UJesu waphendula wathi: “Impela
ngiyabezwa! Aniyifundanga yini imibhalo engcwele ethi: “ ‘Ubongelwa yizingane
neziyoyo, ngemilomo yazo uzakhele udumo’? ”

17Wasuka emzini wabashiya kanjalo waya eBhethani wahlwelwa khona.

UJesu uqalekisa umkhiwane

(Mark 11:12-14,20-24)

18Kuthe esebuyela eJerusalema ngakusasa ekuseni, waphathwa yiphango.

19Welamela umkhiwane ngendlela. Waya kuwo, wafica amaqabunga odwa.
Wayesethi kuwo: “Ngeke uphinde usathela nanini! ” Umkhiwane wavele woma
ngaso lesosikhathi.

20Abafundi bayibona lento, bakhexa imilomo. Bambuza bathi: “Umkhiwane wome
kánjani masinyane kangaka? ”

21UJesu waphendula wathi: “Ngiyanitshela impela ngithi, uma nikholwa
ningangabazi, ningakwenza lokhu engikugile kulomkhiwane. Kungabi yilokhu
kuphela, kodwa niyotshela lentaba nithi: ‘Zimbuka lapha uphonseke olwandle,’
yenze njalo.

22Uma nikholwa niyokwamukeliswa noma yini eniyicela ngomkhuleko.”

Umbuzo ngegunya likaJesu

(Mark 11:27-33; Luk 20:1-8)

23UJesu wabuyela ethempelini. Kuthe esafundisa, izikhulu zabaphristi kanye
nezigele zamaJuda zeza kuye zambuza zathi: “Ukwenza lokhu ngagunya lini?
Ngabe ngubani owakunika leligunya na? ”

24UJesu waphendula wathi: “Ngizoke nginibuze nami umbuzo owodwa vo. Uma
ningiphendula, nami-ke ngizonitshela ukuthi ngikwenza lokhu ngagunya lini.

25UJohane umbhabhadisi walithathaphi igunya lokubhabhadisa, walinikwa
nguNkulunkulu noma walithatha kubantu na? ” Base behlanganisa amakhanda
bathi: “Uma sithi walinikwa nguNkulunkulu uzothi kithi: ‘Pho animkholwanga
ngani uJohane na? ’

26Kanti-ke futhi uma singathi walithatha kubantu sizozeqhatha nomphakathi,
ngoba phela bonke bathi uJohane wayengumphrofethi.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Base bemphendula uJesu bathi: “Kasazi.” Wathi kubo: “Nami-ke angisanitsheli ukuthi ngikwenza lokhu ngagunya lini.

Umzekeliso ngamadodana amabili

28“Nina nibona kanjani kulokhu? Kukhona umuntu owayenamadodana amabili. Waya kweyokuqala wafike wathi: ‘Ndodana, hamba uyosebenza esivinini sami namhlanje! ’

29Yenqaba yathi: ‘Angifuni.’ Kepha yabuye yazishaya yahamba.

30Waya kwenye indodana wafike wayithuma nayo. Lendodana yathi: ‘Kulungile baba ngizoya,’ kepha ayiyanga.

31Kulamadodana amabili iyiphi eyenza intando kayise na? ” Bamphendula bathi: “Eyokuqala.” Wayesethi-ke uJesu kubo: “Ake nilalele nginitshele! Abathelisi nezindlindwa bayanincintela bangene kuqala kunani embusweni kaNkulunkulu.

32Ngoba uJohane umbhabhadisi weza kini ezonikhomba indlela elungileyo, anaze namkholwa, kodwa abathelisi nezindindwa bakholwa. Yize nikubona lokho, anibuyanga niguquke nimkholwe.”

Umzekeliso ngabaqashi besivini

(Mark 12:1-12; Luk 20:9-19)

33UJesu wathi: “Ake nizwe nanku omunye umzekeliso! Kukhona umninindlu owatshala isivini, wasibiyela ngogange. Phakathi kwaso wagweda isikhamo sewayini etsheni, wakha idladla lokulinda. Lesisivini wasiqashisa kubalimi, wasuka waya ezweni elikude.

34Kwafika isikhathi sokuvuna wathumela izinceku zakhe kubaqashi besivini ukuba zilande isivuno esiyinzuzo yakhe.

35Bazidumela izinceku zakhe, enye bayidinda, enye-ke bayibulala, enye bayikhanda ngamatshe.

36Wabuye wathumela ezinye izinceku eziningi kunakuqala, kepha bazenzakalisa nalezo.

37Ekugcineni wabathumela indodana yakhe ethi: ‘Indodana yami bayoyihlonipha.’

38Kodwa abaqashi besivini bayibona base becebisana bathi: ‘Nansi indlalifa! Asiyihlanganyele siyibulale sidle ifa layo! ’

39Basho bayidumela bayihudulela ngaphandle kwesivini bayibulala.

40“Umninisivini uyobenze njani lababaqashi mhla efikayo? ”

41Baphendula bathi: “Uyobhubhisa lezizinswelaboya aqashise ngesivini kwabanye abazomnika inzuzo yakhe ngesikhathi esifaneleyo.”

42UJesu wathi: “Anizange nayifunda yini imibhalo engcwele ethi: “ ‘Itshe lokwakha elaliwa ngabakhi bethi liyinto engenamkhuba, kwaba yilona sisekelo njengensika

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ephase indlu. Lokhu kungukwenza kukaSimakade, kuyasimangalisa kakhulu ukukubona.’

43“Ngakhoke ngiyanitshela ngithi, uNkulunkulu uyonaphuca umbuso wakhe awunikeze isizwe esiyoveza izithelo ezinhle.

[44Lowo owela phezu kwalelitshe wophihlizeka; kanti-ke nalowo eliwela phezu kwakhe liyomgaya abe yizicucu.]”

45Kuthe ukuba izikhulu zabaphristi kanye nabafarisi bezwe imizekeliso kaJesu, kwabakhanyela ukuthi ubhekise kubo.

46Babefuna ukumbamba, kodwa nokho besaba izixuku, ngoba zazithi ungumphrofethi.

UMatewu 22

Umzekeliso womshado

(Luk 14:15-24)

1UJesu wabuye wakhuluma kubantu ebalandisa imizekeliso, wathi:

2“Umbuso wezulu singawufanisa nalokhu: Kukhona inkosi eyalungiselela umshado wendodana yayo.

3Yathumela izinceku zayo ukuba zifike zitshele izimenywa ukuthi sezingeza emshadweni, kodwa zenqaba.

4Yabuye yathumela kwabamenyiweyo ezinye izinceku ziphethe umlayezo wokuthi: ‘Idili selihleliwe, kwahlatshwa izinkabi namathole anonileyo, konke sekulungile. Wozani emshadweni! ’

5Kodwa abazange banake nakunaka, bahamba baziyela emisebenzini yabo; omunye waya ensimini yakhe, omunye esitolo sakhe;

6abanye badumela izinceku zayo bazithela ngehlazo bazibulala.

7Inkosi yathukuthela yagana unwabu, yathumela amabutho ayo, afike abhubhisa labababulali, abuye ashisa nomuzi wabo.

8Yayisithi ezincekwini zayo: ‘Idili lomshado selihleliwe, kodwa kumenywe abantu abangafanele.

9Hambani niye ezinhlanganweni zemigwaqo nifike nibamemele emshadweni bonke enibatholayo! ’

10Izinceku zahamba zaya emigwaqweni, zaqoqa bonke abantu, ababi nabalungileyo, ezazingase zibathole. Abantu bagcwala indlu baminyana.

11“Inkosi yangena ukuzobona izimenywa, yakhangwa umuntu owayengayigqokile ingubo yomshado.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Yambuza yathi: ‘Mhlobo, ungene kanjani lapha ungayigqokile ingubo yomshado na? ’ Kepha wakhungatheka akaphendula.

13Inkosi yathi ezincekwini: ‘Mbopheni izandla nezinyawo, nimphonse phandle ebumnyameni lapho kuyoba khona ukukhala nokugedla amazinyo.’ ”

14UJesu waphetha ngokuthi: “Baningi abamenyiweyo kodwa bambalwa abakhethiweyo.”

Umbuzo ngentela

(Mark 12:13-17; Luk 20:20-26)

15Abafarisi basuka lapho bakha icebo lokuthi bangamhila kanjani uJesu.

16Bathumela kuye abafundi babo bekanye nabeqembu likaHerodi. Bafike bathi: “Mfundisi, siyazi ukuthi uqinisile. Ufundisa indlela kaNkulunkulu ngobuqotho. Awuthengi mehlo amuntu, ngoba ubunjani bomuntu awubushayi mkhuba.

17Yisho-ke sizwe ukuthi wena uthini ngentela! Kuphambene yini nomthetho ukuba sithelele ikhanda kuKhesari inkosi yombuso waseRoma na? ”

18Kodwa uJesu wabuphawula ububi babo wathi: “Bazenzisindini, ningicuphelani?

19Ngikhombiseni uhlamvu lwemali yentela! ” Bamnika uhlamvu.

20Wababuza wathi: “Ngokabani umfanekiso okuloluhlamvu, wona lombhalo ngokabani na? ”

21Bamphendula bathi: “NgokaKhesari.” Wayesethi-ke kubo: “Mnikeni uKhesari okukaKhesari, uNkulunkulu nimnike okukaNkulunkulu! ”

22Kuthe ukuba bakuzwe lokho bamangala kakhulu. Base bemshiya kanjalo bemuka.

Umbuzo ngokuvuka kwabafileyo

(Mark 12:18-27; Luk 20:27-40)

23Abasadusi bayaye bathi akukho kuvuka kwabafileyo. Kwasuka abathile kubo baya kuJesu ngalo lolosuku,

24bathi: “Mfundisi, uMose wathi: ‘Uma indoda ifa ingazele, umfowabo akangene umfelokazi avuse umuzi womufi.’

25Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa kulendawo yakithi. Esokuqala saganwa, safa singazele sashiya umkaso kumfowabo.

26Senze njalo nesesibili nesesithathu kwaze kwafika kwesesikhombisa.

27Wabagcinela umfelokazi wayesefa naye.

28Pho woba ngumkabani kulaba abayisikhombisa mhla kuvuka abafileyo na? Ingani wayekade ebagane bonke.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29UJesu waphendula wathi: “Neduke ngempela nina ngoba aniyazi imibhalo engcwele, aniwaqondi namandla kaNkulunkulu.

30Phela labo asebevukile kwabafileyo kabasaganani, kodwa bayoba njengezingilosi zezulu.

31Mayelana nendaba yokuthi abafileyo bayavuka, kanifundanga yini embhalweni ongcwele akushoyo kini uMvelinqangi lapho ethi:

32‘Mina nginguNkulunkulu ka-Abhrahama, nginguNkulunkulu kaIsaka, nginguNkulunkulu kaJakobe’ na? UnguNkulunkulu wabaphilayo, labo anguNkulunkulu wabo kabafile.”

33Kwathi ukuba abantu bakuzwe lokhu, yabamangalisa imfundiso kaJesu.

Umyalo omkhulu
(Mark 12:28-34; Luk 10:25-28)

34Kwabuthana abafarisi sebezwile ukuthi uJesu ubavale imilomo abasadusi.

35Omunye kubo oyisazimibhalo esophe ukuhila uJesu wambuza wathi:

36“Mfundisi, yimuphi umyalo omkhulu emthethweni na? ”

37Wamphendula wathi: “ ‘Wothanda uSimakade uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke nangomphefumulo wakho wonke nangengqondo yakho yonke! ’

38Yilowo-ke umyalo wokuqala nomkhulu kuneminye.

39Owesibili ufana nawo, uthi: ‘Wothanda omunye ngothando ozithanda ngalo! ’

40Lemiyalo yomibili iyizinsika eziphase wonke umthetho kaMose nemfundiso yabaphrofethi.”

Umbuzo ngeNdodana kaDavide
(Mark 12:35-37; Luk 20:41-44)

41Kwathi lapho abafarisi sebebuthene, uJesu wababuza wathi:

42“Nithini ngoMesiya na? UyiNdodana kabani na? ” Baphendula bathi: “EkaDavide.”

43Wababuza wathi: “Kungani ukuba uDavide, kuthi lapho eholwa nguMoya oyiNgcwele, abize uMesiya ngeNkosi yakhe athi:

44“ ‘USimakade wathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami ngize nginqobe izitha zakho zithele kuwe! ’

45“Uma uDavide inkosi embiza ngeNkosi yakhe, pho useyiNdodana yakhe kanjani manje? ”

46Behluleka bonke ukumphendula. Kusukela mhla lowo akubangakho muntu owaba nesibindi sokumbuza utho uJesu.

UMatewu 23

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UJesu uxwayisa ngezazimibhalo nabafarisi

(Mark 12:38-39; Luk 11:43,46; 20:45-46)

1UJesu wayesekhuluma-ke kubantu nakubafundi bakhe

2wathi: “Izazimibhalo nabafarisi bagunyaziwe ukuba bachaze ngomthetho kaMose.

3Ngakhoke kwenzeni konke abanitshela khona nikugcine, kodwa ningabalingisi, ngoba bashumayela into ngapha, benze enye ngalena.

4Ngemfundiso yabo bashaya imithetho eyimithwalo enzima eyesinda abantu, kodwa bona bebe bengazihluphi nakancane nje ngokubathwalisa.

5Yonke imisebenzi yabo bayenzela ukuba babukwe yizwe. Amabhande abo okukhuleka bawanweba abe banzi, nezivatho zabo bazifaka amayikayika amade.

6Bathanda ukuhlonishwa bahlaliswe nezikhulu emikhosini, babekwe ezihlalweni eziphambili ezindlini zokusonta.

7Bathanda ukukhulekelwa embuthanweni, babizwe ngabantu ngokuthi ‘Rabi’ .

8Kepha nina ningavumi ukubizwa ngokuthi ‘Rabi’, ngoba ningabazalwane nonke, munye zwi umfundisi wenu.

9Ningabizi muntu emhlabeni ngokuthi ‘Baba’, ngoba munye uYihlo osezulwini;

10futhi ningabizwa ngokuthi ningabaholi, ngoba munye umholi wenu, uMesiya.

11Kodwa lowo omkhulu kini akabe yinceku yenu.

12Yilowo nalowo ofuna ukuzenza mkhulu uyothotshiswa, nalowo ozithobayo uyophakanyiswa abe mkhulu.”

UJesu usola ukuzenzisa kwabo

(Mark 12:40; Luk 11:39-42,44,52; 20:47)

13“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nivimbela abantu ukuba bangangeni embusweni wezulu, nibe nina ningangeni kanti futhi niyabanqabela abafuna ukungena kuwo.

[14“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nilutha abafelokazi nisizakale ngabo, nibephuce amafa abo. Nikhuleka undendende nibukisa. Ngakhoke niyojeziswa ngokwedlulele ngecala lenu.]

15“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nihamba nidabule izilwandle niqede amazwe ukuba nithole abe munye ophendukela enkolweni, kuthi uma senimtholile nimonakalise abe mubi kakhulu, afanele isihogo ngokuphindiwe kunani.

16“Nakho kini baholi abaphuphuthekayo enifundisa nithi: ‘Uma umuntu efunga ithempeli ukufunga kwakhe akusho lutho, kodwa uma efunga igolide elisethempelini, siyambopha isifungo sakhe.’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Ziwula eziphuphuthekayo! Yikuphi okukhulu phakathi kwegolide nethempeli okuyilona elenza ukuba igolide libe ngcwele na?

18Nibuye nifundise nithi: ‘Uma umuntu efunga ilathi, ukufunga kwakhe akusho lutho, kodwa uma efunga umnikelo phezu kwalo, isifungo sakhe siyisibopho.’

19Naze nayizimpumputhe bo! Yikuphi okukhulu phakathi komnikelo nelathi okuyilona elenza ukuba umnikelo ube ngcwele na?

20Lowo-ke osuke efunga ilathi ufunga lona nakho konke okuphezu kwalo.

21Nalowo ofunga ithempeli ufunga lona noNkulunkulu ohlezi kulo.

22Nalowo ofunga izulu ufunga isihlalo sobukhosi bukaMvelinqangi kanye noMvelinqangi ohlezi kuso.

23“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, ninikela ngokweshumi kweziyoliso kodwa anikunaki okubalulekileyo emthethweni njengobuqotho nobubele nokwethembeka. Bekufanele nikwazise lokhu nikwenze, ningakuyeki-ke okunye.

24Baholi abaphuphuthekayo! Nikhetha insensane kwenizokuphuza, kodwa nigwinye amakameli.

25“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nigeza ingaphandle lenkezo nesitsha sokudlela, kanti ingaphakathi ligcwele izinto eniziqhwage ngobugovu.

26Mfarisi ophuphuthekayo! Qala ngokugeza ingaphakathi lenkezo, bese liyahlanzeka nengaphandle layo.

27“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nifana namathuna ahuqwe ngomcako omhlophe, ingaphandle lawo libukeka kahle, kodwa ingaphakathi lawo ligcwele amathambo ezidumbu nakho konke ukungcola.

28Kanjalo futhi ingaphandle lenu libukeka kubantu sengathi lihle, kanti ingaphakathi ligcwele ukuzenzisa nokonakala.”

UJesu ubikezela ngesijeziso sabo

(Luk 11:47-51)

29“Nakho kini zazimibhalo nabafarisi! Bazenzisindini, nibeka amatshe emadlinzeni abaphrofethi, nihlobise namathuna abalungileyo.

30Bese nithi: ‘Ukuba sasikhona emihleni yokhokho, sasingeke sahlanganyela nabo lapho kuchithwa igazi labaphrofethi.’

31Ngalawo nizilahla nina, nivuma ukuthi niyinzalo yalabo ababebulala abaphrofethi.

32Salani senikufeza lokhu okwaqalwa ngokhokho benu!

33Zinyokandini, nzalo yamabululu! Niyosinda kanjani ekwahlulelweni ningaphonswa esihogweni na?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Niyabona-ke! Nginithumela abaphrofethi nabahlakaniphileyo nezazi. Abanye
babo niyobabulala, abanye nibabethele eziphambanweni. Abanye-ke
nibabhaxabule emasinagogeni, nibazingele imizi ngemizi.

35Liyobuzwa kini lonke leligazi elingenacala elachithwa emhlabeni kusukela
kwelika-Abela owayelungile, kuze kufike kwelikaZakariya umntakaBharakhiya
enambulalela egcekeni phakathi kwethempeli nelathi.

36Ngiqinisile impela, isijeziso sakho konke lokhu siyoba phezu kwesizukulwane
salemihla."

UJesu ulilela iJerusalema
(Luk 13:34-35)

37"Jerusalema, we Jerusalema! Ubulala abaphrofethi, ubakhanda ngamatshe labo
uNkulunkulu abathumela kuwe. Kukaningi nje ngilokhu ngilangazelela ukuqoqa
abantu bakho ngibakhoselise, njengesikhukhukazi sikhoselisa amatshwele phansi
kwamaphiko aso, kodwa anivumanga.

38Ngakhoke seniyozibonela nina, umuzi wenu ufulathelwe uyoba yibhuqe.

39Ngithi kini, kusukela manje aniyuphinde ningibone kuze kube ngamhla nithi: "
'Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi abayibika ukuthi iyeza! ' "

UMatewu 24

UJesu ubikezela ngokudilizwa kwethempeli
(Mark 13:1-2; Luk 21:5-6)

1UJesu waphuma ethempelini wahamba, abafundi basondela kuye, bamkhombisa
izakhiwo zethempeli.

2Wathi kubo: "Niyakubona konke lokhu na? Ngiqinisile uma ngithi, akukho litshe
lapha eliyosala liqhwakele phezu kwelinye elingayikudilizelwa phansi."

Ukufika kokuhlupheka nosizi
(Mark 13:3-13; Luk 21:7-19)

3Wayehlezi eNtabeni yemiHlwathi. Abafundi basondela kuye bambuza bebodwa
bathi; "Awusitshele, kuyokwenzeka nini lokhu na? Sibonakaliso sini esiyokhomba
isikhathi sokubuya kwakho nomhla wokuphela? "

4UJesu wabaphendula wathi: "Qaphelani ningedukiswa muntu!

5Kuyovela abaningi abayoshaya sengathi bayimi, bathi: 'NginguMesiya,' badukise
abaningi.

6Niyokuzwa isaho sokulwa namahemuhemu empi ezizweni, kodwa qaphelani
ningabi natwetwe. Kumele kwenzeke lokhu, kodwa-ke umhla wokuphela uyobe
ungakafiki.

7Ngoba izizwe ziyovukelana, nemibuso iphendukelane, kubhoke indlala,
kuzamazame umhlaba izindawo ngezindawo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Zonke lezizinsizi ziseyizalinga nje ezandulelayo, njengemihelo yowesifazane kanduba abelethe.

9“Bayonithatha-ke baninikele ukuba nihlushwe nibulawe. Ziyonizonda zonke izizwe ngoba ningabami.

10Ngalesosikhathi abaningi bayokhubeka bahlubuke ekukholweni, bakhaphelane, bazondane.

11Kuyovela abaningi abayothi bangabaphrofethi bengeyibo, badukise abantu abaningi.

12Kuyobhoka ubudlwembe kuze kudambe uthando kwabaningi.

13Kodwa lowo oqiniselayo kuze kube sekupheleni uyosindiswa.

14Lendaba emnandi yombuso kaNkulunkulu iyomenyezelwa kuwo wonke umhlaba ibe ngubufakazi ezizweni zonke, kandukuba kufike umhla wokuphela.

Usizi oluhlasimulisayo

(Mark 13:14-23; Luk 21:20-24)

15“Niyobona umhlola oyisinengiso esinyantisayo usendaweni engcwele, lowo akhuluma ngawo uDanyela umprofethi.” (Ofunda lokhu akaqonde ukuthi kusho ukuthini!)

16“Ngalesosikhathi labo abakhe eJudiya mabaphephele ezintabeni.

17Oyobe ephezu kophahla lwendlu akangabe esabuyela endlini ukuthatha impahla yakhe.

18Oyobe esemasimini akangabuyeli emuva alande izingubo zakhe!

19Ngiyazisa ngabakhulelweyo nabancelisayo ngalezonsuku!

20Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika noma kube mhla kuyisabatha!

21Ngoba usizi lwalesosikhathi luyokwedlulela kakhulu. Alukaze lubonwe olunjengalo kuze kube namhla lokhu selokhu uMvelinqangi adala umhlaba, lungephinde futhi lubonwe nanini.

22Ukuba uNkulunkulu ubengasinciphisanga isikhathi salolosizi, bekungayikusinda muntu, kodwa-ke uyosinciphisa ngenxa yalabo abayikhethelo lakhe.

23“Uma ngalesosikhathi nizwa umuntu ethi kini: ‘Ake nibheke nangu uMesiya! ’ noma athi: ‘Nanguya! ’ nize ningamkholwa!

24Ngoba kuyovela abayothi banguMesiya bengesiye nabayothi bangabaphrofethi bengeyibo, baveze izibonakaliso ezinkulu bagile izimanga, uma kungenzeka bedukise abekhethelo likaNkulunkulu.

25Lalelani lapha! Senginixwayisile ngakho konke kungakenzeki.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26“Ngakhoke uma abantu bethi kini: ‘Nango usehlane! ’ ningayi lapho! Noma bethi: ‘Nangu endlini! ’ ningakukholwa lokho!

27Ngoba iNdodana yesintu iyofika njengezulu libaneka emkhathini kusukela empumalanga kuye kushaye entshonalanga.

28“Amanqe ayobuthana lapho kukhona khona isidumbu.”

Ukuza kweNdodana yesintu

(Mark 13:24-27; Luk 21:25-28)

29“Masinyane nje emveni kosizi lwalezonsuku “ ‘ilanga liyofiphala, inyanga ife ingabe isakhanya, izinkanyezi zitshuze ziqathake esibhakabhakeni, amaviyo omkhathi wezulu azanyazanyiswe aphambuke emizileni yawo.’

30“Bese kuqhamuka isibonakaliso seNdodana yesintu emkhathini. Izizwe zonke zomhlaba ziyolila zibone iNdodana yesintu emkhathini iza ngamafu inamandla nenkazimulo enkulu.

31Kuyokhala icilongo lisho kakhulu, ibisithumela izingilosi zayo ziqoqe abekhethelo layo emagumbini omane omhlaba, kuze kube semikhawulweni yawo.

Isifundo esitholakala emkhiwaneni

(Mark 13:28-31; Luk 21:29-33)

32“Fundani isifundo kulokho okuyaye kwenzeke emkhiwaneni. Lapho amagatsha eseluhlaza emqumbe, kuhluma amaqabunga, niyaye nazi ukuthi selethwese.

33Ngokunjalo-ke nani uma nibona konke lokhu kwenzeka, niyokwazi ukuthi iNdodana yesintu isiseduze isemabaleni.

34Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, lesisizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke lokhu.

35Kuyodlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami awasoze adlula.

Alwaziwa usuku nesikhathi

(Mark 13:32-37; Luk 17:26-30, 34-36)

36“Kepha akukho muntu owaziyo ukuthi lokhu kuyokwenzeka ngaluphi usuku nangasiphi isikhathi. Akwazi ngisho nazingilosi zezulu naNdodana yesintu imbala, kwazi uBaba kuphela.

37Ukufika kweNdodana yesintu kuyoba njengasemihleni kaNowa.

38Ezinsukwini ungakafiki uzamcolo abantu babedla bephuza beganiselana kwaze kwaba ngamhla uNowa engena emkhunjini.

39Babengazi nokuthi lidumephi kwaze kwafika uzamcolo wabakhukhula bonke. Kuyoba njalo nangamhla iNdodana yesintu iza.

40Ngalolosuku amadoda amabili ayobe esebenza ensimini, kuthathwe enye, enye isale,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

41abesifazane ababili bagaye exihibeni, kuthathwe omunye, omunye asale.

42Hlalani nilindile ngoba anazi ukuthi iNkosi yenu iyofika ngaluphi usuku.

43Kuhle nazi ukuthi, ukuba umninindlu ubelazi isela ukuthi liyofika nini ngobusuku, ubeyohlala elindile angaliyeki ligqekeze indlu yakhe.

44Ngakhoke hlalani niqaphile, ngoba iNdodana yesintu iyofika ningazelele.

Inceku ethembekile nengathembekile
(Luk 12:41-48)

45“Ngubani oyinceku ethembekileyo nehlakaniphileyo, inkosi yayo eyibeke ukuba yabele izisebenzi ukudla kwazo ngesikhathi esifaneleyo na?

46Iyadela leyonceku inkosi yayo eyoyifica isaqhuba kahle.

47Ngiyaqinisa impela ngithi, inkosi yayo iyoyibeka induna phezu kwempahla yayo yonke.

48Kodwa uma eyinceku embi, uyozikhohlisa athi: ‘Hhiya, inkosi yami izolibala,’

49abeseshaya izisebenzi akanye nazo, alibale ukudla nokuphuza utshwala kanye nezidakwa.

50Uma eqhuba kanjalo, inkosi yakhe iyofika ngolunye usuku engazelele nangesikhathi engalindele,

51imjezise kanzima, imlahle kanye nabazenzisi lapho kuyoba khona ukukhala nokugedla amazinyo.

UMatewu 25

Umzekeliso ngezintombi eziyishumi

1“Ngalesosikhathi embusweni wezulu kuyoba njengezintombi eziyishumi ezathatha izibani zazo zaphuma, zahlangabeza umyeni.

2Eziyisihlanu kuzo zaziyiziwula, eziyisihlanu zazihlakaniphile.

3Ngoba lezo eziyiziwula zathatha izibani zazo zashiya amafutha,

4kodwa ezihlakaniphileyo zathatha izibani zazo kanye nezitsha ezinamafutha.

5Kuthe umyeni esalibele, zonke zozela zalala.

6“Kwamenyezwa phakathi kwamabili kwathiwa: ‘Nangu umyeni eza! Phumani nimhlangabeze! ’

7Zavuka zonke lezontombi, zalungisa izibani zazo.

8Eziyiziwula zathi kwezihlakaniphileyo: ‘Ake nisichathazele kwawenu amafutha, ngoba izibani zethu seziyacima! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Ezihlakaniphileyo zaphendula zathi: ‘Ngeke asanele thina kanye nani! Hambani niyozithengela awenu esitolo! ’

10Kuthe zisahambile zisayothenga, wafika umyeni. Lezo ezazizilungisele zangena nomyeni edilini lomshado, kwavalwa emnyango.

11“Dukuduku bese zifika lezi ezinye izintombi zithi: ‘Nkosi, nkosi! Sicela usivulele singene! ’

12Kodwa umyeni wenqaba wathi: ‘Empeleni, anginazi ukuthi ningobani nina.’ ”

13UJesu waphetha ngokuthi: “Hlalani nilindile, ngoba anilwazi usuku nesikhathi! ”

Umzekeliso ngamathalente

(Luk 19:11-27)

14“Embusweni wezulu kuyoba njengomuntu owayezohambela ezweni elikude. Wabiza izinceku zakhe, wazithuma ukuba ziqaphele impahla yakhe.

15Yileyo naleyonceku wayinika amathalente angangamandla ayo. Enye wayinika amathalente ayisihlanu, enye aba mabili, enye laba linye. Wayesesuka eseya ezweni elikude.

16Inceku eyayinikwe amathalente ayisihlanu yaphuma ngokushesha yasebenzisa leyomali, yazuza ngayo amanye ayisihlanu ngaphezulu.

17Kanjalo futhi inceku eyayinikwe amathalente amabili yayisebenzisa imali, yazuza amanye amabili.

18Kodwa inceku eyayinikwe ithalente elilodwa yasuka yemba umgodi, yathukusa kuwo imali yenkosi yayo.

19“Emuva kwesikhathi eside inkosi yalezizinceku yabuya, yafike yathi maziyilandise ukuthi ziqhube kanjani.

20Inceku eyayinikwe amathalente ayisihlanu yeza yalentha amanye ayisihlanu yathi: ‘Nkosi, wanginika amathalente ayisihlanu. Awubheke nanka amanye ayisihlanu engiwazuzile.’

21Inkosi yathi: ‘Halala, nceku ethembekileyo usebenze kahle! Njengoba wethembekile kokuncane, ngizokubeka uphathe okukhulu. Ngena uthokoze kanye nami! ’

22Yeza inceku eyayinikwe amathalente amabili, yafike yathi: ‘Nkosi, wanginika amathalente amabili. Nanka amanye amabili engiwazuzile! ’

23Inkosi yathi: ‘Halala, nceku ethembekileyo usebenze kahle! Njengoba wethembekile kokuncane, ngizokubeka uphathe okukhulu. Ngena uthokoze kanye nami! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24Inceku eyayinikwe ithalente elilodwa yeza, yafike yathi: ‘Nkosi, ngiyakwazi ukuthi unenhliziyo elukhuni, uvuna lapho ungatshalanga khona, ufule lapho ungahlwanyelanga khona.

25Ngathathe ngesaba ngase ngiyithukusa emhlabathini imali yakho. Yithathe nansi! ’

26Inkosi yayo yayisithi kuyo: ‘Uyinceku embi evilaphayo! Ubuvele wazi ukuthi ngivuna lapho ngingatshalanga khona, ngifule lapho ngingahlwanyelanga khona.

27Ngakhoke bekufanele uyithathe imali yami uyigcine ebhange, ngiyithole yonke isinenzalo mhla ngibuyayo.

28Nina, yithatheni njengamanje lemali ekuye, niyinike lowaya onamathalente ayishumi!

29Ngoba yilowo nalowo onotho uyophiwa enezelelwe kuchichime, lowo ongenalutho uyokwephucwa ngisho nalokho okuncane anakho.

30Yithatheni lenceku engemntuwalutho, niyiphonse phandle ebumnyameni lapho kuyoba khona ukukhala nokugedla amazinyo.’

Ukwahlulela kokugcina

31“Lapho iNdodana yesintu iza ngobukhosi bayo nezingilosi zonke ziyingungile, iyohlala esihlalweni sayo sobukhosi,

32abantu bezizwe zonke babuthane phambi kwayo, ibaqembule bahlukane, njengomelusi ehlukanisa izimvu nezimbuzi.

33Iyomisa izimvu ngakwesokunene sayo, izimbuzi zibe ngakwesokhohlo.

34INkosi ibisithi kulabo abangakwesokunene sayo: ‘Wozani nina enibusisiwe nguBaba! Wozani nidle ifa lombuso enawulungiselwa kusukela mhla kudalwa umhlaba.

35Ngoba ngangilambile nangipha ukudla, ngomile nangiphuzisa amanzi. Ngangiyisihambi nangingenisa emizini yenu

36ngihambaze nangembulela; ngangigula nangihambela, ngiboshiwe nangivakashela.’

37Abalungileyo bayothi: ‘Nkosi, sakubona nini ulambile sakupha ukudla, kumbe womile sakuphuzisa amanzi?

38Kunini lapho sakubona uyisihambi sakungenisa emizini yethu, nalapho uhambaze sakwembulela na?

39Kunini lapho sakubona ugula noma uboshiwe sakuhambela na? ’

40INkosi iyobaphendula ithi: ‘Niyabona, lokho enakwenzela oyedwa walababafowethu abancane abangelutho, impela nakwenzela mina.’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

41“Ibisithi kulabo abangakwesokhohlo: ‘Sukani phambi kwami, nina eniqalekisiweyo, niye emlilweni ovutha ungunaphakade, olungiselwe uSathane nezingilosi zakhe.

42Ngoba ngangilambile nangincisha ukudla, ngomile aningiphuzisanga.

43Ngangiyisihambi kodwa aningingenisanga emizini yenu, ngangihambaze kodwa aningembulelanga. Ngangigula, ngangiboshiwe kodwa aningihambelanga.’

44Bese bethi kuyo: ‘Nkosi, kunini lapho sakubona ulambile, womile, uyisihambi, uhambaze, ugula, uboshiwe, kodwa asakusiza na? ’

45Ibisithi kubo: ‘Ngiqinisile ngithi, lokho eningakwenzelanga oyedwa walaba abancane abangelutho, anikwenzanga nakimi.’

46Laba-ke bosiwa ekujezisweni okuphakade, kodwa abalungileyo baye ekuphileni okuphakade.”

UMatewu 26

Izikhulu zihlose ukubulala uJesu

(Mark 14:1-2; Luk 22:1-2; Joh 11:45-53)

1Kwathi uJesu angaqeda ukukusho konke lokhu, wathi kubafundi bakhe:

2“Niyazi ukuthi kuzodlula izinsuku ezimbili kushaye iPhasika. INdodana yesintu isiyonikelwa ukuba ibethelwe esiphambanweni.”

3Kwabuthana izikhulu zabaphristi kanye nezigele zamaJuda kwaKhayifase umphristi omkhulu.

4Bacebisana ngokuthi uJesu abambambe ngobuqili bambulale.

5Kepha bathi: “Ake simyeke ngomkhosi, hleze kusuke izibhelu phakathi kwabantu! ”

UJesu ugcotshwa ngamakha eBhethani

(Mark 14:3-9; Joh 12:1-8)

6UJesu wayeseBhethani emzini kaSimoni owayebizwa ngokuthi onochoko.

7Kwathi esadla kwasondela kuye owesifazane, ephethe isitsha esakhiwe ngetshe lealabhasta. Sasinamakha awuketshezi, umfuma wakwanokusho obiza kakhulu. Owesifazane wathela amakha ekhanda likaJesu waligcoba.

8Kwathi lapho abafundi bekubona lokhu, bacasuka bathi: “Kudlalelwani ngamakha kanje na?

9Abengathengiswa, kuzuzwe imali eningi inikwe abampofu.”

10UJesu waphawula ukuthi bayakhononda, wathi kubo: “Nimkhathazelani lomame na? Ungenzele lukhulu.

11Izimpofana nihlala ninazo njalo. Kepha mina angihlezi nani njalo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Umzimba wami uwugcobe ngalamakha, wawulungiselela ukumbelwa kwawo.

13Ngiyaqinisa impela ngithi, nomaphi lapho lendaba emnandi kaNkulunkulu iyoshunyayelwa khona emhlabeni wonke, kuyokhulunywa nangalokhu akwenzileyo, abantu bamkhumbule.”

UJudasi wethembisa ukuthengisa ngoJesu

(Mark 14:10-11; Luk 22:3-6)

14Kwasuka omunye kwabayishumi nambili othiwa nguJudasi Iskariyothe, waya ezikhulwini zabaphristi,

15wafike wathi: “Niyongiholela malini uma ngininika yena na? ” Base bembalela imali engangezinhlamvu ezingamashumi amathathu esiliva, bamnika.

16Kwasukela lapho wayesecuthela ithuba elingamlungela ukuba achilizele uJesu kubo.

Badla iwundlu lePhasika

(Mark 14:12-21; Luk 22:7-14, 21-23; Joh 13:21-30)

17Kwafika usuku lokuqala lomkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo. Abafundi baya kuJesu bathi: “Ufuna sikulungiselephi ukuba udle iwundlu lePhasika na? ”

18Wathi mabahambe baye kumuntu othize emzini, bafike bathi kuye: “UMfundisi uthi: ‘Isikhathi sami sesisondele. Ngiza kwakho ngizokudla iwundlu lePhasika nabafundi bami.’ ”

19Abafundi benza njengoba betshelwe nguJesu, base belungisela iPhasika.

20Kwahlwa, uJesu wafike wahlala wadla nabafundi abayishumi nambili.

21Kuthe besadla wathi: “Lalelani lapha nginitshele! Phakathi kwenu kukhona ozothengisa ngami ezitheni.”

22Badangala bambuza ngamunye bathi: “Ngabe yimi Nkosi na? ”

23Kodwa waphendula wathi: “Lowo ogcobhoza isinkwa sitsheni sinye nami, nguye kanye ozothengisa ngami.

24INdodana yesintu izokwemuka ukwemuka impela njengoba kushiwo ngayo embhalweni ongcwele, kepha maye kulomuntu oyothengisa ngeNdodana yesintu! Kwakuyomlungela lomuntu ukuba wayengazalwanga! ”

25UJudasi owayezomkhaphela wabuza wathi: “Ngabe yimi Rabi na? ” Wamphendula wathi: “Usushilo! ”

Ukumiswa kwesidlo seNkosi

(Mark 14:22-26; Luk 22:15-20; 1 Khor 11:23-26)

26Kuthe besadla uJesu wathatha isinkwa, wabonga kuNkulunkulu, wasihlephula wasinika abafundi bakhe wathi: “Thathani nidle; lokhu kungumzimba wami.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Wayesethatha indebe yewayini, wabonga kuNkulunkulu wabanika wathi:
“Yiphuzeni nonke,

28ngoba lokhu kuyigazi lami eliqinisa isivumelwano sikaNkulunkulu, elichithelwa
abaningi ukuba kuthethelelwe izono.

29Ngithi kini, kusukela manje angisayuphinde ngikuphuze okwesithelo somvini
kuze kube ngamhla sengiyophuza nani iwayini elisha embusweni kaBaba.”

30Bahuba elokubonga, bemuka baya eNtabeni yemiHlwathi.

UJesu ubikezela ukuphika kukaPhetro

(Mark 14:27-31; Luk 22:31-34; Joh 13:36-38)

31UJesu wathi kubo: “Niyongihlamuka nonke ngabo lobubusuku. Ngoba
embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi: “ ‘Ngiyogadla kumalusi afe, umhlambi
wezimvu uhlakazeke.’

32“Kodwa lapho sengivukile kwabafileyo, ngiyonandulela ngiye eGalile.”

33UPhetro wamphendula wathi: “Angisoze ngakuhlamuka mina noma
sebekushiya bonke.”

34UJesu wathi kuye: “Lalela lapha ngikutshele! Kubo lobubusuku banamuhla,
iqhude lingakakhali, uyobe usungiphike kathathu.”

35UPhetro waphendula wathi: “Ngeke ngikuphike ngisho sengibulawa kanye
nawe.” Basho njalo bonke abafundi.

UJesu ukhuleka eGetsemane

(Mark 14:32-42; Luk 22:39-46)

36Wayesefika-ke uJesu nabafundi kuleyondawo ethiwa yiGetsemane. Wathi kubo:
“Hlalani lapha, ngisayokhuleka laphaya.”

37Wathatha uPhetro namadodana amabili kaZebedi, waqhela nabo. Wafikelwa
usizi, wakhathazeka emoyeni.

38Wayesethi kubo: “Umoya wami ulusizi kabi, ngiyafa ubuhlungu. Hlalani lapha
nilinde kanye nami! ”

39Waqhubeka ibangana, wathi mbo ngobuso wakhuleka wathi: “Baba, lendebe
yobunzima ayidede kimi uma kungenzeka! Nokho akungayi ngokuthanda kwami,
kodwa akuye ngentando yakho! ”

40Wabuyela kubafundi wabafica bezumekile. Wathi kuPhetro: “Awu! Kodwa
beningelinde ngisho nomzuzwana nje kanye nami na?

41Lindani nikhuleke ingaze nehlelwe ukulingwa! Umoya womuntu uyavuma,
kepha imvelo yakhe ibuthakathaka.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

42Wabuye wasuka ngokwesibili wafike wakhuleka wathi: “Baba, uma lendebe yenhlupheko ingenakudeda kimi, kodwa kube kumele ngiyiphuze, ayenziwe intando yakho! ”

43Kuthe esabuyela kubo, wabafica belele futhi, ngoba izinkophe zabo zazisindwa ubuthongo.

44Wabuye wabashiya wafike wakhuleka ngokwesithathu, waphinda wona lawomazwi.

45Waphinde wabuyela kubafundi, wafike wathi: “Kanti nisalele niphumule namanje na? Sesifikile isikhathi sokuba iNdodana yesintu ichilizelwe ezandleni zezoni.

46Sukumani sihambe! Lowo othengisa ngami nangu eza! ”

Ukukhashelwa nokuboshwa kukaJesu

(Mark 14:43-50; Luk 22:47-53; Joh 18:3-12)

47Kwathi uJesu engakaligwinyi, qathatha uJudasi, omunye wabayishumi nambili. Wayehamba nesixuku esikhulu sabantu behlome izinkemba namawisa, bethunywe yizikhulu zabaphristi kanye nezigele zamaJuda.

48Umkhapheli lona wayekade evumelene nabo ngesibonakaliso abayombona ngaso uJesu, wathi: “Lowo engiyombingelela ngimange, kuyobe kunguye kanye enimfunayo; anombopha! ”

49UJudasi wasondela masinyane kuJesu wafike wathi: “E Rabi! ” Esho embingelela emanga.

50Kodwa uJesu wathi kuye: “Mngane, bekuyilento oze ngayo! ” Base besondela, sebemdumela uJesu bembopha.

51Omunye kulabo ababemi noJesu wagqashula inkemba, wagadla esisebenzini somphristi omkhulu, wasihhebhula indlebe.

52UJesu wayesethi kuye: “Phindisela inkemba yakho emgodleni, ngoba bonke abasebenzisa inkemba bayobulawa ngenkemba.

53Awuboni yini ukuthi ngingacela kuBaba, abesengithumela amaviyo ngamaviyo ezingilosi zingivikele na?

54Pho sekungaze kugcwaliseke kanjani okushiwo yimibhalo engcwele ukuthi kumele kwenzeke lokhu na? ”

55Kulowomzuzwana uJesu wabuza esixukwini wathi: “Uma benibabele ukungibamba bese ningaze niphume nihlome ngezinkemba namawisa, sengathi ngingumphangi na? Bengihlezi ethempelini ngifundisa mihla kepha nangangibopha.

56Kepha konke lokhu kwenzekile ukuba kufezeke imibhalo yabaphrofethi.” Base bemhlamuka bonke abafundi babaleka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UJesu uphambi komkhandlu

(Mark 14:53-65; Luk 22:54-55, 63-71; Joh 18:12-14, 19-24)

57Labo ababebophe uJesu bamqhuba bamusa kwaKhayifase umphristi omkhulu. Kwakubuthene kwakhe izazimibhalo nezigele.

58UPhetro walandela buqamama kwaze kwaba semabaleni esigodlo kwamphristi omkhulu. Wangena ngaphakathi emabaleni, wafike wahlala nogqayinyanga, ukuba abone isiphetho.

59Zazama izikhulu zabaphristi nomkhandlu wonke ukwakhela uJesu ubufakazi bamanga abulawe.

60Kodwa kabutholakalanga yize kwase kuvele ofakazi bamanga abaningi. Kwaze kwavela ababili ngasekugcineni

61bathi: “Lomuntu wathi: ‘Ngingadiliza ithempeli likaNkulunkulu, ezinsukwini ezintathu ngibuye ngilakhe futhi.’ ”

62Umphristi omkhulu wasukuma wathi kuJesu: “Awuphenduli ngalutho lapho bekumangalela na? ”

63Kodwa uJesu wathula du. Umphristi omkhulu wathi kuye: “Sitshele iqiniso phambi kukaNkulunkulu ophilayo ukuthi ngabe unguMesiya iNdodana kaNkulunkulu na.”

64UJesu wamphendula wathi: “Usushilo! Kodwa ngithi kini, kamuva niyoyibona iNdodana yesintu ihlezi ngakwesokunene sikaSomandla, iza ngamafu ezulu.”

65Umphristi omkhulu waklebhula izembatho zakhe wathi: “Usehlambalaze uNkulunkulu! Pho sisazobenzani ofakazi na? Nakho-ke, nizizwele emhlambalaza!

66Nithini kulokho? ” Bamphendula bathi: “Icala liyamlahla! Akabulawe! ”

67Base bemfela ngamathe ebusweni, bamshaya ngenqindi, abanye kubo bammukula ezihlathini

68bathi: “We Mesiya! Ake usitshele ukuthi ushaywe ngubani! Ake ubholofide sizwe! ”

UJesu uphikwa nguPhetro

(Mark 14:66-72; Luk 22:56-62; Joh 18:15-18, 25-27)

69UPhetro wayehlezi emabaleni esigodlo. Wasukelwa yintombazane eyayisebenza kwamphristi omkhulu yafike yathi: “Nawe kade uhamba noJesu waseGalile.”

70Kodwa waphika phambi kwabo bonke wathi: “Angiyazi lento oyishoyo! ”

71Wasuka waya esangweni, wabonwa ngenye intombazane. Yasho kwababelapho yathi: “Lo kade ehamba noJesu waseNazaretha.”

72Wafunga waphika futhi ethi: “Angimazi nakumazi lomuntu! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

73Emuva kwesikhashana ababelapho basondela kuPhetro bafike bathi: “Kuyiqiniso impela ukuthi nawe ungomunye wabo. Udalulwa yindlela otekela ngayo.”

74Waqanganisa wafunga wagomela wathi: “Angimazi lomuntu! ” Washo njalo maqede kwakikiliga iqhude.

75UPhetro wayeseyakhumbula lapho uJesu ekhuluma ethi: “Iqhude lingakakhali uyobe usungiphike kathathu.” Waphumela phandle wakhala ezimathonsi.

UMatewu 27

UJesu usiwa kuPilatu

(Mark 15:1; Luk 23:1-2; Joh 18:28-32)

1Kwathi kungasa zonke izikhulu zabaphristi kanye nezigele zamaJuda zanquma ukuba abulawe uJesu.

2Bamgiga ngezintambo, bamqhuba bamnikela kuPilatu ulusibalukhulu embusweni wamaRoma.

Ukufa kukaJudasi

(ImiSeb 1:18-19)

3Kuthe ukuba uJudasi owayemchilizele ezitheni abone ukuthi uJesu uselahlwe yicala, wafikelwa ukuzisola. Wathatha izinhlamvu ezingamashumi amathathu zemali eyisiliva, waziphindisela ezikhulwini zabaphristi kanye nezigele

4wathi: “Ngonile, ngakhaphela kini umuntu osezobulawa engenacala.” Kodwa bamphendula bathi: “Akudokwe ligayelwe thina lelo! Zibonele wena! ”

5Wathatha imali wayintshinga ethempelini wahamba waziphanyeka.

6Kodwa izikhulu zabaphristi zayicosha lemali zathi: “Akumthetho ukuba ifakwe esikhwameni sebandla, ngoba iyimali yegazi.”

7Zanquma ukuba kuthengwe ngayo insimu yombumbi, ibe yindawo yokungcwaba izihambi.

8Ngakhoke lensimu isabizwa ngokuthi yiNsimu yeGazi kuze kube namuhla.

9Kwase kuyagcwaliseka okwashiwo ngomlomo womphrofethi uJeremiya kwathiwa: “Base bethatha amashumi amathathu ezinhlamvu zemali eyisiliva, inani elalilinganiswe ngabakwaIsrayeli ukuba bamthenge ngalo.

10Bathenga ngazo insimu yombumbi, njengoba ngitshelwe yiNkosi uSomandla.”

UPilatu uphenya uJesu

(Mark 15:2-5; Luk 23:3-5; Joh 18:33-38)

11UJesu wamiswa phambi kukalusibalukhulu, owambuza wathi: “Wena uyinkosi yamaJuda na? ” Waphendula wathi: “Nguwena okushoyo.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Izikhulu zabaphristi kanye nezigele zamethwesa amacala, akaze aphendula nakanye.

13UPilatu wathi kuye: “Awuwezwa yini amacala angaka abakwethwesa wona na? ”

14Kepha uJesu akazange amphendule nakokukodwa. Lokhu kwammangalisa kabi ulusibalukhulu.

UJesu ugwetshwa ukuba abulawe
(Mark 15:6-15; Luk 23:13-25; Joh 18:39-19:16)

15Kwakuyaye kuthi minyaka yonke ngomkhosi wePhasika ulusibalukhulu akhululele abantu isiboshwa sibe sinye, leso abaziqokele sona.

16Ngaleyonkathi kwakukhona isiboshwa esaziwayo esasithiwa nguJesu Bharabha.

17Kuthe abantu sebebuthene, uPilatu wathi kubo: “Nifuna ukuba nginikhululele bani, uJesu Bharabha kumbe uJesu okuthiwa nguMesiya na? ”

18Ngoba phela wayazi ukuthi bamnikele kuye ngoba bemfela umona uJesu.

19Kwathi uPilatu esahlezi esigcawini samacala, umkakhe wathumela kuye wathi: “Ungayingeni indaba yalowomuntu olungileyo, ngoba umoya wami ukhathazekile namuhla, angizange ngilale ngimphupha.”

20Kodwa izikhulu zabaphristi nezigele zase zikhwezele izixuku ukuba zicele kukhululwe uBharabha, kubulawe uJesu.

21Ulusibalukhulu wabuza kubantu wathi: “Yimuphi kulaba ababili enifuna ukuba nginikhululele yena na? ” Bamphendula bathi: “UBharabha.”

22UPilatu wathi kubo: “Pho bese ngimenze njani uJesu okuthiwa nguMesiya na? ” Basho bonke bathi: “Kabethelwe esiphambanweni! ”

23Kodwa wathi: “Ngoba enze cala lini na? ” Kepha kwaba yima beqonga kakhulu bethi: “Kabethelwe! ”

24UPilatu wabona ukuthi akusekho masiza, kanti futhi hleze kusuke isibhelu, wayesethatha amanzi phambi kwezihlwele zabantu, wahlamba izandla bebuka, wathi: “Anginacala egazini lalomuntu! Zenzeleni nina! ”

25Izihlwele zamemeza zathi: “Igazi lakhe liyokhalela thina nabantabethu.”

26UPilatu wayesebakhululela uBharabha, kodwa wathi akubhaxabulwe uJesu. Wayesemnikela emabuthweni ukuba ambethele esiphambanweni.

Amabutho abhinqa uJesu
(Mark 15:16-20; Joh 19:2-3)

27Amabutho kalusibalukhulu amthatha uJesu angena naye esigodlweni, afike aqoqa lonke ibutho ukuba limbunganyele.

28Amhlubula izingubo, amembathisa isevatho esibomvu tebhu,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29aphica umqhele wamahlamvu anameva, amnqwazisa wona. Amphathisa induku yomhlanga ngesandla sokunene, amkhulekela emguqele, ambhinqa athi: “Bayede, ume njalo nkosi yamaJuda! ”

30Amfela ngamathe ahlwitha induku, elokhu emshaya ngayo ekhanda.

31Lapho esezidelisile ngokumenza inhlekisa, amhlubula isevatho amembathisa izingubo zakhe, ahamba naye aya kombethela esiphambanweni.

UJesu ubethelwa esiphambanweni

(Mark 15:21-32; Luk 23:26-43; Joh 19:17-27)

32Kuthe amabutho esesendleleni ahlangana nomuntu waseSayirene okuthiwa nguSimoni. Amphoqa ukuba etshathe isiphambano sikaJesu.

33Bafika endaweni ethiwa yiGolgotha okusho ukuthi kusoGebhezini lweKhanda.

34Amnikeza iwayini elixutshwe nesibabane ukuba aliphuze, kodwa wathi angalinambitha wala ukuliphuza.

35Ambethela esiphambanweni, ayesehlukaniselana ngezingubo zakhe enza inkatho,

36ahlala phansi emqaphile.

37Ngenhla kwekhanda lakhe ayechome lombhalo wokwazisa icala lakhe: “Lo unguJesu inkosi yamaJuda.”

38Kwabethelwa abaphangi ababili eziphambanweni kanye naye, omunye engakwesokunene sakhe, omunye engakwesokhohlo.

39Ababedlula ngendlela babemnqekuzela amakhanda, bemhlambalaza

40bethi: “Ingani phela wena ubuzodiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu! Yehla phela esiphambanweni uzisindise uma uyiNdodana kaNkulunkulu! ”

41Zasho njalo nezikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo nezigele zitekula ngaye zithi:

42“Wasindisa abanye, kodwa akakwazi ukuzisindisa yena. Nanso phela ingonyama yakwaIsrayeli! Akehle manje esiphambanweni, bese simkholwa.

43Wethembele kuNkulunkulu, akamsindise manje uma emthanda, ngoba phela wathi: ‘NgiyiNdodana kaNkulunkulu.’ ”

44Nabaphangi imbala ababebethelwe kanye naye eziphambanweni babesho njalo nabo bemkhaca.

Ukufa kukaJesu

(Mark 15:33-41; Luk 23:44-49; John 19:28-30)

45Kwahlwa eminibebade, izwe lonke lambozwa yisigayegaye sobumnyama obakhasa phansi kwaze kwaba ntambama.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

46Kwakungezithuba zantambama ngehora lesithathu, uJesu wadazuluka wathi: “Eli, Eli lema sabakthani? ” okusho ukuthi: “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungilahleleni na? ”

47Abanye kulabo ababemi lapho bemuzwa bathi: “Lo umemeza uElija.”

48Omunye wabo waphuthuma khona lapho wathatha isiponji, wasicwilisa sathi ciki iwayini elimuncu. Wasichoma othini, wamsondezela sona ukuba asimunce.

49Kodwa abanye bathi: “Ake sibone phela ingabe uElija uzofika yini amsindise na.”

50UJesu wabuye wamemeza futhi ngezwi elikhulu, wafa.

51Indwangu ehenqa ngaphakathi ethempelini yadabuka kabili kusukela phezulu kwaze kwayoshaya phansi. Umhlaba wazamazama, amadwala aqhekezeka,

52amangcwaba avuleka, abaningi abangcwele ababefile bavuka,

53baphuma emangcwabeni. Emuva kokuvuka kukaJesu bangena emzini ongcwele iJerusalema, babonwa ngabantu abaningi.

54Induna namabutho ayo ayeqaphe uJesu kwathi bangabona kuzamazama umhlaba kwenzeka nezinye izigigaba, base besaba kakhulu bathi: “Impela lo ubeyiNdodana kaNkulunkulu.”

55Kwakukhona abesifazane abaningi ababebukela bemele kude. Babekade behamba noJesu bemsebenzela besuka kwelaseGalile.

56Phakathi kwabo kwakukhona uMariya waseMagdala noMariya, unina kaJakobe noJosefa, nonina wamadodana kaZebedi.

Ukulondolozwa kwesidumbu sikaJesu egodini

(Mark 15:42-47; Luk 23:50-56; Joh 19:38-42)

57Kwase kuyahwalala. Kwakukhona isicebi somuntu waseArimathiya othiwa nguJosefa, naye engumfundi kaJesu.

58Waqonda kuPilatu, wafike wamcela isidumbu sikaJesu. UPilatu wathi akasinikwe.

59UJosefa wathatha isidumbu, wasithandela ngendwangu yelineni ehlanzekile.

60Wayesesilondoloza egodini lakhe elalingumhume ayeligumbe etsheni. Wagingqa inguzunga yetshe, wavala ngayo umnyango wethuna, wahamba.

61UMariya waseMagdala kanye naloMariya omunye babehlezi lapho, bebhekene nasethuneni.

Ukulindwa kwethuna likaJesu

62Kwasa ngakusasa kuyisabatha kwabuthana izikhulu zabaphristi kanye nabafarisi, kwayiwa kuPilatu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

63Bafike bathi: “Nkosi, siyakhumbula ukuthi kuthe esaphila lomkhohlisi wathi: ‘Ngiyovuka ngosuku lwesithathu emuva kokufa kwami.’

64Ngakhoke thumela ukuba ithuna lakhe lilindwe kuze kudlule izinsuku ezintathu, abafundi bakhe bangasintshontshi isidumbu, bese betshela abantu ukuthi uvukile kwabafileyo, lawamanga abo abe yinkohliso embi eyedlula eyokuqala.”

65UPilatu wathi: “Thathani nampa abalindi, nihambe nabo nifike nililinde ithuna ngokubona kwenu.”

66Bahamba-ke bafike balilinda, bavala itshe lalo ngengcino, base bebashiya abalindi ukuba baliqaphe.

UMatewu 28

Ukuvuka kukaJesu ekufeni

(Mark 16:1-8; Luk 24:1-12; Joh 20:1-10)

1Kwathi sekudlule isabatha, ngeSonto kuseluvivi, uMariya waseMagdala naloMariya omunye bahamba bayobona ithuna.

2Kuthe ngaso lesosikhathi umhlaba wazamazama ngesihluku esibi. Ingilosi yeNkosi yehla ezulwini, yafike yagingqa itshe yalisusa emnyango wethuna, yaqhwakela kulo.

3Yayibukeka ikhanya njengonyazi, isembatho sayo simhlophe okweqhwa.

4Kuthe abalindi bangayibona kwaphela nasozwanini, baquleka kwangathi bafile.

5Ingilosi yakhuluma kwabesifazane yathi: “Musani ukwesaba! Ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe.

6Kekho lapha, uvukile ekufeni njengoba asho. Wozani nibone lapho ebelele khona!

7Phuthumani kubafundi bakhe nibabikele nithi: ‘Uvukile kwabafileyo. Uyanandulela uya eGalile. Kulapho niyombona khona.’ Senginitshelile-ke.”

8Basheshe basuka ethuneni, bephethwe uvalo benokujabula okukhulu, bagijima bayobikela abafundi bakhe.

9Base behlangana noJesu endleleni. Wababingelela, beza bamguqela babamba izinyawo zakhe, bakhuleka kuye.

10UJesu wathi kubo: “Musani ukwesaba! Hambani nitshele abafowethu ukuba baye eGalile; kulapho bayofike bangibone khona.”

Umbiko wabalindi

11Kuthe abesifazane besesendleleni kwasuka abanye babalindi, baya emzini bafike babikela izikhulu zabaphristi ngakho konke okwenzekileyo.

12Izikhulu zabaphristi zabuthana kanye nezigele, zahlanganisa icebo, zase zifumbathisa abalindi ngemali enkulu,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13zathi kubo: “Anothi abafundi bakhe bafike ebusuku bantshontsha isidumbu sakhe nilele.

14Uma lokhu kufika ezindlebeni zikalusibalukhulu, nize ningakhathazeki. Siyomchazela kahle simbonise nina ningahlushwa lutho.”

15Abalindi bathatha imali benza njengoba beyaliwe. Lamahemuhemu anda phakathi kwamaJuda. Alokhu ekhona kuze kube namuhla.

Ukuthunywa kwabayishumi nanye

(Mark 16:14-18; Luk 24:36-49; Joh 20:19-23; ImiSeb 1:6-8)

16Abafundi abayishumi nanye baya eGalile kuleyontaba ababeyilayelwe nguJesu.

17Kwathi lapho bembona bamguqela bakhuleka kuye, kodwa abanye bangabaza.

18UJesu wasondela wathi kubo: “Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni.

19Hambani nenze izizwe zonke zibe ngabafundi bami, nibabhabhadise ngegama likaYise neleNdodana neloMoya oyiNgcwele,

20nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho. Niyabona, mina ngihamba nani imihla yonke kuze kube sekupheleni komhlaba.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UMarko

UMarko 1

Ukushumayela kukaJohane umbhabhadisi
(Mat 3:1-12; Luk 3:1-18; Joh 1:19-28)

1 Indaba emnandi elanda ngoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, iqala kanje.

2 Embhalweni ongcwele womphrofethi uIsaya kulotshwe kwathiwa:
“UNkulunkulu uthi: ‘Nasi isigijimi sami engisithuma phambi kwakho ukuba
sikuhlahlele indlela.’

3 Kukhona ozwakala enkenteza ehlane ethi: ‘Cabelani iNkosi indlela, niqondise
nemikhondo yayo! ’ ”

4 Nempela-ke kwavela uJohane umbhabhadisi eshumayela ehlane ethi:
“Phendukani nibhabhadiswe, bese kuthethelelwa izono zenu! ”

5 Abantu besifunda saseJudiya nabomuzi waseJerusalema baphuma bonke
belokhu beya kuye. Babevuma izono zabo, abesebabhabhadisa emfuleni iJordani.

6 UJohane wayegqoka isembatho esenziwe ngoboya bekameli, azibophe
ngoqhotho okhalo, edla izinkumbi nezinyosi zasendle.

7 Wayeyaye amemezele athi: “Ngilandelwa ngonamandla kunami. Angifanele
ngisho nokukhothama ngithukulule imichilo yezicathulo zakhe.

8 Mina benginibhabhadisa ngamanzi, kodwa yena uzonibhabhadisa ngoMoya
oyiNgcwele.”

Ukubhabhadiswa kukaJesu
(Mat 3:13-17; Luk 3:21-22)

9 Akubanga nsuku ngaki wafika uJesu evela eNazaretha kwelaseGalile,
wabhabhadiswa nguJohane eJordani.

10 Wanele waphuma nje emanzini, wabona izulu livuleka, kwehlela kuye uMoya
oyiNgcwele usajuba ngesimo.

11 Kwezwakala izwi livela ezulwini lithi: “Wena uyiNdodana yami engiyithandayo.
Ngiyathokoza ngawe.”

Ukulingwa kukaJesu
(Mat 4:1-11; Luk 4:1-13)

12 UMoya oyiNgcwele waqhubezela uJesu ngaso lesosikhathi ukuba aye ehlane.

13 Kwaphela izinsuku ezingamashumi amane elingwa nguSathane ehlezi ehlane,
kunezilwane zasendle. Izingilosi zafike zambungaza.

UJesu uqala umsebenzi wakhe eGalile
(Mat 4:12-17; Luk 4:14-15)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngemuva kokuboshwa kukaJohane umbhabhadisi, uJesu waya kwelaseGalile,
washumayela indaba kaNkulunkulu ethokozisayo.

15Wathi: “Sekuyiso isikhathi, umbuso kaNkulunkulu usondele! Phendukani
nikholwe indaba ethokozisayo! ”

UJesu ubiza abadobi ukuba babe ngabalandeli

(Mat 4:18-22; Luk 5:1-11)

16Kwathi uJesu egudla ichibi laseGalile, welamela uSimoni noAndreya wakwabo
kaSimoni bedoba izinhlanzi ngenetha, nakhu phela babengabadobi.

17UJesu wathi kubo: “Wozani ningilandele! Ngizonifundisa ukudoba abantu.”

18Bashiya amanetha khona lapho, baba ngabalandeli bakhe.

19Waqhubeka ibangana, welamela uJakobe noJohane, amadodana kaZebedi.
Babesesikebheni belungisa amanetha.

20Wababiza khona lapho, bashiya uZebedi uyise esikebheni kanye nezisebenzi
eziqashiweyo, bamlandela.

Umuntu onomoya ongcolileyo

(Luk 4:31-37)

21Bangena emzini waseKhaphenawume. UJesu wangena esinagogeni ngosuku
lwesabatha wafundisa.

22Kwabamangalisa ukufundisa kwakhe, ngoba wafundisa ngegunya engananazi,
akabafundisanga njengezazimibhalo.

23Esinagogeni labo kwaqhamuka umuntu khona lapho owayenomoya ongcolileyo.
Lomuntu waklabalasa wathi:

24“Usifunani wena Jesu waseNazaretha na? Usuzosibhubhisa na? Ngiyakwazi
ukuthi ungubani wena Ngcwele kaNkulunkulu.”

25UJesu wakhaca umoya ongcolileyo wathi: “Thula umsindo! Phuma kuye! ”

26Wawusumhlukumeza umuntu uklabalasa, waphuma kuye.

27Bamangala bonke babuzana bathi: “Kuyini lokhu? Yimfundiso entsha yomuntu
onegunya! Kanti nemimoya engcolileyo uyikhuza imlalele! ”

28Washeshe waba nedumela kulo lonke laseGalile.

UJesu uphilisa umkhwekazi kaSimoni

(Mat 8:14-15; Luk 4:38-39)

29Base bephuma esinagogeni, baya emzini kaSimoni benoAndreya; oJakobe
noJohane behamba nabo.

30Umkhwekazi kaSimoni wayephethwe ngumkhuhlane umlalise phansi. UJesu
wabikelwa ngaye,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31wasondela, wamphakamisa ngesandla. Lowo obegula walulama emkhuhlaneni, wayesebabungaza.

UJesu uphilisa abantu abaningi kusihlwa
(Mat 8:16-17; Luk 4:40-41)

32Ilanga lashona kwahwalala, kwase kulethwa kuJesu bonke ababephethwe yizifo namadimoni.

33Kwabuthana abantu bomuzi wonke ngasemnyango.

34Waphilisa abantu abaningi ababephethwe yizifo ngezifo, wakhipha namadimoni amaningi. Akawavumelanga ukuba akhulume, ngoba ayemazi ukuthi ungubani.

UJesu uphuma uphumo lokushumayela
(Luk 4:42-44)

35UJesu wavuka entathakusa wathi shelele waya endaweni eyihlane wafika wakhuleka.

36USimoni kanye nababenaye baphuma bamthungatha.

37Bamthola bathi kuye: “Bakufuna bonke.”

38Wabaphendula wathi: “Asiqhubeke sihambele nakwezinye izigodi ezakhelene nalapha ukuba ngishumayele nakhona, ngoba yilowo umsebenzi engeza ngawo.”

39Wahamba eshumayela emasinagogeni abo kulo lonke elaseGalile, ekhipha namadimoni kubantu.

UJesu uphilisa umuntu onochoko
(Mat 8:1-4; Luk 5:12-16)

40Kwasuka umuntu onochoko waya kuJesu, wafike waguqa wamnxusa wathi: “Uma uthanda ukungihlambulula ngiphile ungakwenza.”

41UJesu wafikelwa yisihe welula isandla wamphatha wathi: “Ngiyathanda, hlambuluka! ”

42Lwaphela khona lapho uchoko kumuntu, wahlanjululwa waphila.

43UJesu wammukisa ngaso lesosikhathi, wamdonsa ngendlebe wathi:

44“Qaphela ungathi vu nakubani ngalokhu, kodwa hamba uziveze kumphristi akuhlole. Bese wethula umhlatshelo wokuhlanjululwa kwakho njengoba kwayaleza uMose, bese kufakazeka kubantu ukuthi usuhlanjululiwe.”

45Kepha lomuntu wahamba eyifafaza lendaba kulo lonke. Ngokwanda kwayo uJesu akabe esakwazi ngisho nokulubeka ndawo abonwe, kepha wayesezihlalela endle, abantu bejinge beya kuye beqhamuka nxazonke.

UMarko 2

UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi
(Mat 9:1-8; Luk 5:17-26)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Kwadlula izinsukwana uJesu wabuyela eKhaphenawume. Kwezwakala ukuthi
ubuyile usekhaya.

2Kwakungebantu abaya kuye kwaze kwasweleka indawo ngisho nasebaleni
imbala. Wayebashumayeza izwi likaNkulunkulu.

3Kwalethwa kuye umuntu ofe uhlangothi, ethwelwe ngabantu abane.

4Kepha kabakwazanga ukumfinyelelisa kuJesu, ngoba kwakuvimbe isinyokotho.
Base beqaqa uphahla lwendlu maqondana noJesu. Kwathi kungavuleka isikhala,
isiguli basehlisela endlini ngohlaka.

5UJesu wakubona ukukholwa kwabo wathi kogulayo: “Mntanami, izono zakho
zithethelelwe.”

6Ezinye izazimibhalo ezazihlezi lapho zazindla zathi:

7“Lo angakusho kanjani lokhu na? Uhlambalaza uNkulunkulu. Ngubani
ongathethelela izono ngaphandle kukaNkulunkulu kuphela? ”

8UJesu wakubamba emoyeni wakhe abakuzindlayo, wathi kubo: “Nizindlelani
kanjena na?

9Yikuphi okulula ukukusho kulesisiguli, ukuthi: ‘Izono zakho zithethelelwe,’
nokuthi: ‘Sukuma uthathe uhlaka lwakho uhambe’?

10Ngizonidelisa nibone ukuthi iNdodana yesintu inegunya lokuthethelela izono
emhlabeni.” Wayesethi kogulayo:

11“Sukuma wena, uthathe uhlaka lwakho ubuyele kini! ”

12Indoda yasukuma, yathatha uhlaka lwayo yahamba bebuka bonke. Bamangala
kabi, badumisa uMvelinqangi bathi: “Asikaze sikubone okunje! ”

UJesu ubiza uLevi

(Mat 9:9-13; Luk 5:27-32)

13UJesu wabuye waphuma, wagudla echibini laseGalile. Izihlwele zazilokhu
zibuthana kuye azifundise.

14Kuthe edlula lapho kutheliswa khona, wabona uLevi ka-Alfiyose ehlezi esebenza,
wathi kuye: “Woza ungilandele! ” ULevi wayesesuka njalo eseba ngumlandeli
wakhe.

15Emuva kwalokhu uJesu wafike wahlala kwaLevi kudliwa. Phakathi kwalabo
ababehlezi bedla kanye naye nabafundi bakhe, kwakukhona abathelisi nezoni
eziningi. Baningi phela abantu abanje ababehamba noJesu bemlandela.

16Izazimibhalo ezithile zeqembu labafarisi zithe ukuba zimbone edla nezoni
nabathelisi, zabuza kubafundi bakhe zathi: “Angadla kanjani nabathelisi nezoni
na? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Wakuzwa lokhu uJesu wathi kubo: “Abaphilileyo abadingi nyanga, kodwa idingwa ngabagulayo. Angizelanga ukubiza abalungileyo, kodwa ngezela ukuzomema izoni.”

UJesu uchaza ngokuzila ukudla
(Mat 9:14-17; Luk 5:33-39)

18Abafundi bakaJohane umbhabhadisi kanye nabafarisi babeyaye bazile ukudla. Abantu base beya kuJesu bafike bathi: “Abafundi bakho abakuzili ngani ukudla, kodwa abafundi bakaJohane kanye nababafarisi bebe bekuzila na? ”

19UJesu wabaphendula wathi: “Kungenzeka yini ukuba nxa kushadwa ikhetho lizile ngenkathi umyeni esahlezi nalo na? Phinde, uma umyeni esalokhu ephakathi kwabo ngeke bazile.

20Kodwa kuyofika isikhathi lapho beyokwaphucwa khona umyeni, bese bezila-ke ngalolosuku.

21“Akukho muntu ochibela isiqephu esisha engutsheni endala. Uma ekwenza lokho, isichibi siyoshwabana siklebhule ingubo, imbobo ibisiba nkulu kunakuqala.

22Futhi akukho muntu owetha iwayini eliseyifumuka ezimvabeni zesikhumba esezizindala, ngoba uma ekwenza lokho ifumuka liyobila, izimvaba ziqhume, kuchitheke iwayini, konakale nezimvaba. Phela ifumuka lethiwa ezimvabeni ezintsha.”

Abafundi bakha izikhwebu kuyisabatha
(Mat 12:1-8; Luk 6:1-5)

23Langathize uJesu wadabula emasimini kuyisabatha. Kuthe besahamba, abafundi basukela izikhwebu bazibhonyula.

24Abafarisi bathi kuye: “Awubheke! Bayenzelani lento kuyisabatha, ibe ingavunyiwe na? ”

25Wabaphendula wathi: “Kanti anizange nifunde yini ngesenzo sikaDavide mhla enephango lokudla, yena kanye neqembu lakhe sebelambile?

26Wangena endlini kaNkulunkulu ngesikhathi kuphethe uAbhiyatha umphristi omkhulu. Wadla izinkwa ezazethulwe kuNkulunkulu, nanxa kwakungemthetho ukuba umuntu azidle ngaphandle kwabaphristi kuphela. Wazidla waze wapha nabeqembu lakhe.”

27UJesu wathi kubo: “Isabatha lamiselwa ukusiza umuntu; umuntu kadalelwanga ukubuswa yisabatha.

28Ngakhoke iNdodana yesintu iyinkosi neyesabatha.”

UMarko 3

Umuntu owayenesandla esishwabeneyo
(Mat 12:9-14; Luk 6:6-11)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1UJesu wabuye wangena esinagogeni. Kwakukhona lapho umuntu owayenesandla
esishwabeneyo.

2Bamqaphela uJesu befuna ukubona ukuthi uzomphilisa yini lomuntu kuyisabatha
na. Babefuna phela izaba zokummangalela.

3Washo kulowo osandla sakhe sishwabene wathi: “Sukuma uze lapha
ngaphambili! ”

4Wababuza wathi: “Yikuphi okuvumelekile ngokomthetho ukuba kwenziwe
kuyisabatha, ukusiza umuntu noma ukumlimaza, ukuhlenga impilo noma
ukubulala na? ” Kepha bawuhlaba inhlali nje.

5Waphosa amehlo ngakubo wacasuka, wadabuka ngoba izinhliziyo zabo
zazilukhuni benenkani, wayesethi kumuntu: “Yelula isandla! ” Waselula, sase
siphila.

6Abafarisi baphuma esinagogeni, bahlanganisa masinyane nabeqembu likaHerodi,
bamakhela uzungu lokumbulala uJesu.

Kubuthene izixuku ngasechibini laseGalile

7UJesu wemuka nabafundi bakhe, baya ngasechibini laseGalile. Izindimbane
zabantu zamlandela ziqhamuka eGalile. Kwaya kuye nabantu ababevela eJudiya

8naseJerusalema naseIdumiya nangale komfula iJordani nangasemizini yaseThire
naseSidoni. Lezizinkumbi zabantu zaya kuJesu lapho zizwa ngakho konke
ayekwenza.

9Ngenxa yobuningi babantu wathuma abafundi bakhe ukuba bamlungisele
isikebhe hleze abantu bamminyanise.

10Phela wayesephilise abantu abaningi, ngakhoke bonke ababenezifo
baphangelana ngaye ukuba bamthinte.

11Imimoya engcolileyo ibe isambone qede izilahle phambi kwakhe imemeze ithi:
“Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.”

12Kepha wayijakada ukuba ingalokothi imdalule ukuthi ungubani.

UJesu uqoka abaphostoli abayishumi nambili

(Mat 10:1-4; Luk 6:12-16)

13UJesu wakhuphukela entabeni, wababiza beza kuye labo ayebafuna.

14Waqoka abayishumi nambili ababezohamba naye abathume ukuba
bayoshumayela,

15babe namandla okukhipha amadimoni.

16Wabamisa-ke laba abayishumi nambili: uSimoni amqamba ngelikaPhetro,

17uJakobe noJohane amadodana kaZebedi, abaqamba igama lokuthi
nguBhowanegesi, okusho ukuthi ngoZululihlomile,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18uAndreya noFiliphu, uBhatolomu noMatewu, uTomasi noJakobe ka-Alfiyose, uThadiyose noSimoni umshokobezi,

19noJudasi Iskariyothe owagcina esethengise ngoJesu ezitheni.

UJesu uchaza ngoBhelezabhule

(Mat 12:22-32; Luk 11:14-23; 12:10)

20Wabuyela ekhaya, kwaphinda futhi kwabuthana izinkumbi zabantu; akwabe kusabakho thuba lokuba uJesu nabafundi bakhe badle ukudla kodwa lokhu.

21Abakubo kwathi bangakuzwa lokho banikela khona sebeyomlanda, ngoba kwase kuthiwa: “Usangene, kaseyedwa! ”

22Kukhona izazimibhalo ezafika zivela eJerusalema. Zazimhlambalaza zithi: “Ungenwe nguBhelezabhule”, zabuye zathi: “Inkosi yamadimoni yiyona lena akhipha ngayo amadimoni.”

23Wathi isixuku asisondele, wasilandisa imizekeliso wathi: “USathane angazichitha kanjani na?

24Uma umbuso uqhekeke walwa wodwa, lowombuso awunakuma.

25Uma umndeni wehlukene phakathi, lowomuzi awusoze wema.

26Uma umbuso kaSathane ungase uqhekeke ulwe wodwa ngeke ume, sekuwukuwa kwawo njalo lokho.

27“Akukho muntu ongangenela isiqhwaga aphange impahla yaso, engaqalanga wasibopha, bese kuba yima ephanga endlini yaso.

28“Ngiqinisile impela uma ngithi kini, zonke izono zabantu nayo yonke inhlamba yabo iyothethelelwa, noma sebemthuke uNkulunkulu kwaze kweqa.

29Kodwa lowo ohlambalaza uMoya oyiNgcwele kayikuthethelelwa nanini, unecala lokona kwaphakade.”

30Ngoba uJesu babemthuke bathi: “Ungenwe ngumoya ongcolile.”

Izihlobo zikaJesu zangempela

(Mat 12:46-50; Luk 8:19-21)

31Kwase kufika unina nabafowabo bakaJesu. Bema phandle, bathumela ukuba abizwe.

32Kwakukhona abantu behlezi bemngungile; bathi kuye: “Mfundisi nangu unyoko nabafowenu phandle, bayakufuna.”

33UJesu wabaphendula wathi: “Ngobani okungathiwa bangumame nabafowethu na? ”

34Waphosa amehlo kwababehlezi bemngungile wathi: “Nampa abangumame nabafowethu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35Ngoba lowo owenza intando kaNkulunkulu ungumfowethu nodadewethu nomame.”

UMarko 4

Umzekeliso ngomhlwanyeli
(Mat 13:1-9; Luk 8:4-8)

1UJesu wabuye futhi wafundisa abantu ngasechibini laseGalile. Kwabuthana kuye izihlwele zabantu zamngunga waze wangena wahlala esikebheni echibini, isixuku sonke simi osebeni.

2Wayebafundisa okuningi ebalandisa imizekeliso. Ekufundiseni kwakhe wathi kubo:

3“Lalelani! Kwasuka umuntu wahamba wayohlwanyela.

4Enye imbewu yaqathakela ngasendleleni ehlwanyela, izinyoni zafika zayicosha.

5Enye yaqathakela endaweni eyidwala elalinomhlabashana ongengakanani. Yamila ngokushesha njengoba umhlabathi wawungajulile okutheni.

6Kwathi ukuba libalele ilanga izithombo zahwamuka zabuna, ngoba izimpande zazo zazingajulile.

7Enye yaqathakela emhlabathini onehlozi lameva, okwathi lingamila lakhula laminyanisa izithombo, azabe zisachuma ukuba zithele.

8Enye yaqathakela emhlabathini oyimvunde, yamila yakhula yathela, yaveza izinhlamvu ezingamashumi amathathu, enye yaveza ezingamashumi ayisithupha, enye zaba yikhulu.”

9Wayesethi: “Onendlebe akezwe engikushoyo! ”

Inhloso yokubalandisa imizekeliso
(Mat 13:10-17; Luk 8:9-10)

10Kuthe lapho uJesu esesele yedwa nabayishumi nambili kanye nabanye ababemlandela, base bembuza ukuthi lemizekeliso isho ukuthini.

11Waphendula wathi: “Nina isiyanikhanyela imfihlo yombuso kaNkulunkulu, kepha-ke kulabo abangakabi ngabalandeli konke kuza kubo ngemizekeliso

12ukuze kuthi “ ‘noma bebona uqobo lokubona kepha kungabakhanyeli, noma bezwa uqobo lokuzwa kepha kungabachacheli, bangaphenduki babuyele kuNkulunkulu abathethelele izono zabo’.”

UJesu uchaza umzekeliso ngomhlwanyeli
(Mat 13:18-23; Luk 8:11-15)

13UJesu wathi kubo: “Kodwa uma ningawuqondi lomzekeliso, pho ningayiqonda kanjani into engumzekeliso na?

14Lokhu akuhlwanyelayo lomuntu kuyizwi likaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Leyombewu eyaqathakela ngasendleleni ichaza ngalabo okuthi, lapho izwi
lihlwanyelwa ezinhliziyweni zabo, balizwe kepha uSathane asheshe afike acoshe
izwi ebelihlwanyelwe kubo.

16Naleyo eyahlwanyelwa endaweni eyidwala ichaza ngalabo okuthi bangalizwa
izwi basheshe balemukele balithokozele,

17kepha kabanazimpande ezijulile, balibamba okwesikhashana nje; kuthi
bangafikelwa yizinsizi bahlushwe ngenxa yezwi, basheshe behluleke bawe
ekukholweni.

18Abanye bafana nembewu eyahlwanyelwa emhlabathini onehlozi lameva;
bayilabo abalizwayo izwi,

19kepha ukunaka ezomhlaba nokuluthwa yingcebo nokukhangwa ngokunye
kungena enhliziyweni, kuliminyanise izwi, bangabe besathela neze.

20Kodwa labo abafaniswa nembewu eyahlwanyelwa emhlabathini oyimvunde,
yilabo abalizwayo izwi balemukele, bathele okuhle okuphindwe ngamashumi
amathathu, abanye ngamashumi ayisithupha, abanye ngekhulu."

Isibani esisithwa ngomcengezi

(Luk 8:16-18)

21UJesu wathi kubo: "Konje isibani sike sokhelwe yini silethwe endlini, bese
sisithwa ngomcengezi noma sibekwa phansi kombhede na? Angithi sichwanekwa
endaweni ephakemeyo?

22Phela konke okusithekileyo kuyodalulwa, kanti futhi ayikho imfihlo
engayikuvela obala.

23Onendlebe akezwe engikushoyo! "

24Wayesethi kubo: "Qaphelani ukuthi nizwani! UNkulunkulu uyonamukelisa
okungangesilinganiso enizilinganisela ngaso, abuye anenezelele.

25Ngoba lowo onotho uyophiwa enezelelwe; lowo ongenalutho uyokwephucwa
ngisho nalokho anakho."

Umzekeliso wembewu ezimilela ngokwayo

26Wabuye wathi kubo: "Umbuso kaNkulunkulu unjengomuntu ehlwanyela
imbewu ensimini.

27Ubusuku nemini, elele kumbe engalele, imbewu iyamila ize ikhule, ebe yena
engazi ukuthi lokhu kwenzeka kanjani.

28Umhlabathi ngokwawo uveza ukudla, kuqale ngohlanga lukhule bese lubhaceka,
kugcine ngesikhwebu esivuthwe saphelela.

29Kuthi kungabeletha ukudla ensimini kuqede, abeselandelisa ngesikela ngoba
sekuyisikhathi sokuvuna."

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Umzekeliso wohlamvana lwesihlahla sikamasitadi
(Mat 13:31-32; Luk 13:18-19)

30UJesu wathi: “Singawufanisa nani umbuso kaNkulunkulu? Singawuchaza ngamuphi umzekeliso na?

31Unjengohlamvana lwesihlahla sikamasitadi olutshalwa emhlabathini. Ngobuncane balo lwedlula zonke emhlabeni.

32Kepha lapho selutshaliwe lumila lukhule lube yisihlahla esikhulu kunemifino yonke etshaliweyo esivandeni, sibe namagatsha amakhulu ahlangeneyo anomthunzi, izinyoni zize zakhele izidleke kuwo.”

UJesu ubalandisa imizekeliso
(Mat 13:34-35)

33UJesu washumayeza abantu izwi likaNkulunkulu, ebalandisa imizekeliso eminingi enjalo, kwaya ngokulingana nalokho ababekwazi ukukuqonda.

34Bekuthi njalo uma ebaxoxela indaba abalandise imizekeliso yodwa, bese kuba yima echazela abafundi bakhe konke kamuva esesele nabo bodwa.

UJesu uthulisa isiphepho
(Mat 8:23-27; Luk 8:22-25)

35Ngalolosuku sekuhlwile uJesu wathi kubafundi: “Ake siwelele ngaphesheya kwechibi! ”

36Basishiya isixuku bahamba ngesikebhe ayesegibele kuso. Kwakukhona nezinye izikebhe ezaziphekezelana nabo.

37Kwagubhuka isiphepho somoya esinamandla, amadlambi atheleka esikebheni aze acishe asigabha.

38Kepha uJesu wayesemuva esikebheni elele ubuthongo eqamele. Bamvusa bathi: “Mfundisi , uzithela ngabandayo sifa na? ”

39Wavuka wawukhuza umoya, wathulisa ichibi wathi: “Thula uthi du! ” Umoya wanqamuka khona lapho, kwathula kwathi cwaka.

40Wayesethi kubafundi: “Nesabani kangaka? Anikabi nakukholwa namanje na? ”

41Lwabashaya lwabeqa, babuzana bathi: “Hawu! Muntu muni lo olalelwa umoya ngisho namagagasi imbala na? ”

UMarko 5

UJesu ukhipha idimoni kumuntu kwelamaGerasa
(Mat 8:28-34; Luk 8:26-39)

1Bafika ngaphesheya kwechibi laseGalile ezweni lamaGerasa.

2UJesu wanele waphuma esikebheni, wanqwamana nomuntu owayenomoya ongcolileyo. Lomuntu wayephuma emathuneni

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3lapho ayehlala khona. Kwakungekho muntu owayengambamba ambophe ngisho
nangeketango.

4Wayeseke waboshwa kaningi izinyawo nezandla ngamaketango, kodwa
wayewagqabula, awanqamunqamule nje, engasenakunqotshwa muntu.

5Wayedamane eklabalasa ezibenga ngamatshe ubusuku nemini emathuneni
nasemagqumeni.

6Kuthe ukuba lomuntu abone uJesu esebuqamama, wagijima waya kuye
wamkhothamela,

7wampompoloza wathi: “Kodwa ungifunani wena Jesu, Ndodana kaNkulunkulu
oPhezukonke na? Ngikufungisa uNkulunkulu, ngiyeke ungangihanqazi
ngezinhlupho! ”

8Ngoba uJesu wayekade ethe: “Wena moya ongcolileyo, phuma kulomuntu! ”

9UJesu wambuza wathi: “Ungubani igama lakho na? ” Wamphendula wathi:
“Siliviyo lamabutho empi, ngoba sibaningi.”

10Wayesefundekela uJesu ukuba angayixoshi kuleyondawo lemimoya engcolileyo.

11Kwakweluke umhlambi omkhulu wezingulube entabeni yalapho.

12Yayisizikhalela imimoya engcolileyo ithi: “Sithumele ezingulubeni, singene kuzo!
”

13Wayivumela. Imimoya engcolileyo yaphuma kumuntu yangena ezingulubeni;
umhlambi owawubalelwa ezinkulungwaneni ezimbili wagulukudela esiweni,
wagxambukela echibini, waminza.

14Abelusi bezingulube babaleka babikela abantu emzini nasemaphandleni. Abantu
beza bazozibonela lesosehlakalo.

15Baya kuJesu, nebala bayibona indoda ebikade inebutho lamadimoni ihlezi
isigqokile sekubuye nomqondo; lwabashaya uvalo.

16Laba ababeyibonile lento bayixoxa kubantu bebazekela ngokwakukade
kwenzeka ohlanyeni, nokwavelela izingulube.

17Bamncenga uJesu ukuba aphume aphele ezweni labo.

18Ngenkathi uJesu engena esikebheni, indoda eyayikade inamadimoni yacela
ukuba ihambe naye.

19Kepha uJesu wayenqabela wathi: “Phindela kwabakini, ubalandise konke iNkosi
ekwenzele khona, nokuthi ikuhawukele kanjani! ”

20Yahamba-ke yayisimemezela ezweni elimadolobha ayishumi ngalokho ayenzele
khona uJesu. Bamangala bonke bekuzwa lokho.

Indodakazi kaJayiro; owesifazane owathinta ingubo kaJesu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 9:18-26; Luk 8:40-56)

21UJesu wawela ngesikebhe wabuyela ngaphesheya kwechibi. Kwabuthana izindimbane kuye lapho ngasechibini.

22Kwafika indoda enguJayiro igama, ingomunye wabaphathi esinagogeni. Yathi ukuba imbone uJesu yazilahla phambi kwakhe,

23yamfundekela yathi: “Indodakazi yami iyalayela, sekubonwa kusile. Woza uyibeke izandla isinde iphile! ”

24UJesu wahamba nayo. Walandelwa umshungu omkhulu ummpintshile.

25Kwakukhona owesifazane owayesephathwe yisifo sokopha iminyaka eyishumi nambili.

26Wayesehlupheke kakhulu, esechithe konke anakho eqothulwa yizinyanga zimelapha, kungekho kwelulama, empeleni kwasengathi zikubangela phambili.

27Wayeseke wezwa ngoJesu, ngakhoke wachusha phakathi kwabantu, waqhamukela uJesu ngemuva, wafike wathinta ingubo yakhe.

28Lomame wazitshela ukuthi: “Uma ngike ngathinta okungenani izingubo zakhe nje ngiyosinda.”

29Ukopha kwanqamuka khona lapho, wezwa emzimbeni ukuthi usesindile esifweni ebesimhlupha.

30Kwathi angazizwa uJesu ukuthi sekuphume kuye amandla okuphilisa, waphendukela masinyane esixukwini, wabuza wathi: “Ngubani ongithinte izingubo zami na? ”

31Abafundi bamphendula bathi: “Ungathi ubona ukuthi abantu bakuminyanise kanje, ube usabuza ukuthi ngubani okuthintile na? ”

32Waqalaza wabheka ukuthi ngabe ngubani okwenzile lokhu.

33Owesifazane wayekwazi kodwa okwase kwenzeke kuye, wasondela enovalo ethuthumela, wazilahla phambi kukaJesu, walanda lonke iqiniso.

34UJesu usethi kuye: “Mntanami, ukukholwa kwakho kukusindisile. Uhambe nokuthula, usindile esifweni ebesikuhlupha.”

35Kuthe uJesu esakhuluma kwafika abanye bevela emzini kaJayiro, babika bathi: “Indodakazi yakho kayisekho. Usamkhathazelani uMfundisi na? ”

36UJesu wakuzwa abakushoyo wathi kuJayiro: “Ungesabi, kholwa kuphela! ”

37Akavumelanga muntu ukuba amlandele, ngaphandle kukaPhetro noJakobe noJohane wakwabo kaJakobe.

38Bafika emzini kaJayiro, uJesu wakhangwa yisiphithiphithi, abantu bedazuluka bekhihla isililo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

39Wangena endlini wathi kubo: “Niwubangelani umsindo ngalesisililo enisikhihlayo na? Intombazane kayifile, ilele.”

40Bamhleka usulu. Wayesebakhiphela phandle bonke, wesuka noyise nonina wentombazane kanye nabathathu ayenabo, wangena lapho intombazane yayikhona.

41Wayibamba ngesandla, wathi: *“Thalitha khumi!”*, okuhunyushwa kuthiwe: “Ntombazanyana, ngithi kuwe: Vuka! ”

42Intombazana yavuka yathi gubhubhu, yazihambela (yayineminyaka eyishumi nambili ubudala). Bakhexa imilomo bemangele.

43Wabadonsa ngendlebe wathi bangalokothi batshele muntu ngokwenzekileyo, wathi abayiphakele idle.

UMarko 6

UJesu bayamenqaba eNazaretha

(Mat 13:53-58; Luk 4:16-30)

1UJesu wasuka lapho waya kwelakubo eNazaretha, ehamba nabafundi.

2Wafundisa esinagogeni kuyisabatha. Abantu babefike ngezinkani. Bamuzwa bamangala bathi: “Lomuntu ukuthathaphi lokhu na? Kuhlakanipha kuni lokhu akuphiweyo? Zimangaliso zini lezi azenza ngezandla zakhe?

3Akusiye yini umbazi lo, indodana kaMariya engumfowabo kaJakobe noJosesi noJudasi noSimoni na? Akubona odadewabo laba abalapha phakathi kwethu na? ” Base bemkhipha inyumbazana.

4UJesu wathi kubo: “Inyanga yaziswa kulo lonke izwe, kepha ayinaludumo kwelakubo nasezihlotsheni zayo nakwabakwabo imbala.”

5Wayengenandlela yokwenza imisebenzi emangalisayo lapho, ngaphandle kokubeka izandla ezigulini ezimbalwa ezaphilayo.

6Kwammangalisa ukungakholwa kwabo.

Ukuthunywa kwabayishumi nambili

(Mat 10:5-15; Luk 9:1-6)

UJesu waguduza izigodi zangalapho efundisa.

7Wabiza abayishumi nambili basondela kuye, wabathuma ngababili. Wabanika amandla okukhipha imimoya engcolileyo kubantu.

8Wathi bangaphathi lutho ekuhambeni kwabo ngaphandle kodondolo kuphela; bangaphathi sinkwa, nasikhwama sokwethekela, namali emakhukhwini;

9bafake izimbadada, kepha bangasiphathi isambatho sesibili.

10Wathi kubo: “Hlalani kulelokhaya eningenise kulo, nize nimuke kuleyondawo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Uma kukhona lapho benqaba ukunamukela khona bengezwa, bashiyeni nibaxwayise ngokubathuntuthela uthuli lwezinyawo zenu.”

12Bahamba-ke abaphostoli, bashumayeza abantu ukuba baphenduke.

13Bakhipha amadimoni amaningi, bagcoba iziguli eziningi ngamafutha zaphila.

Ukubulawa kukaJohane umbhabhadisi

(Mat 14:1-12; Luk 9:7-9)

14Inkosi uHerodi yezwa ngokwenzekayo, ngoba igama likaJesu lase lidumile ebantwini. Abanye babethi: “NguJohane umbhabhadisi ovuke kwabafileyo; yingakho nje enza lemisebenzi emangalisayo.”

15Kepha abanye bathi: “NguElija.” Abanye-ke bathi: “Ngumphrofethi onjengomunye wabasendulo.”

16Kodwa kwathi uHerodi angezwa ngalezizinto, waxakeka wathi: “Usevuke waphila uJohane umbhabhadisi lona engamnquma ikhanda.”

17Phela uHerodi nguye owayekade edumele uJohane wambopha wamgquma ejele. Inkosi yayikhwezelwa nguHerodiya umkaFiliphu eyayikipite naye. UFiliphu wayengumfowabo wenkosi.

18UJohane phela wayekade ethi kuHerodi: “Akumthetho ukuba ukipite nomkamfowenu.”

19Ngakhoke uHerodiya wayesembambela amagqubu uJohane, efisa ukuba abulawe. Kepha wayengenandlela

20ngoba uHerodi wayemesaba uJohane, emazi ukuthi ungumuntu olungileyo nongcwele, ngakhoke ede emvikela. Kwakuthi angamuzwa eshumayela axoveke kakhulu emoyeni, nokho kodwa akuthakasele ukumuzwa.

21Ithuba elikahle uHerodiya waze walithola mhla uHerodi egubha umkhosi ekhumbula usuku lokuzalwa kwakhe. Wayememe izikhulu zesigodlo sakhe nezinduna zempi kanye neziphakanyiswa zaseGalile.

22Indodakazi kaHerodiya lowo yangena endlini yabasinela. Yabahlaba umxhuwele oHerodi nezimenywa zakhe. Inkosi yayisithi entombazaneni: “Cela noma yini oyithandayo, ngikuphe yona! ”

23Yaze yafunga yagomela yathi: “Noma ungacelani kimi ngizokupha, ngisho kungaba yingxenye yombuso wami.”

24Yaphuma intombazana yaya kunina, yafike yambuza yathi: “Ngizocelani na? ” Wathi: “Cela ikhanda likaJohane umbhabhadisi! ”

25Yabuyela enkosini isidumo yacela-ke yathi: “Ngifuna ungiphe khona manje nje ikhanda likaJohane umbhabhadisi lilethwe ngogqoko.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[26]Inkosi yadangala, umzimba washona phansi, kepha ngenxa yesifungo eyayisenze phambi kwezimenywa, yaba manqikanqika ukuyilandulela intombazana.

[27]Yathumela ugqayinyanga ngaso lesosikhathi ukuba alethe ikhanda likaJohane. Waya ejele wafike wamnquma ikhanda,

[28]wabuya eliphethe ngogqoko, wafike walinika intombazana; yayisilidlulisela kunina.

[29]Kwathi bangakuzwa lokhu abafundi bakaJohane, base belanda isidumbu sakhe basimbela.

Izinkulungwane eziyisihlanu ziphiwa ukudla

(Mat 14:13-21; Luk 9:10-17; Joh 6:1-14)

[30]Abaphostoli babuthana kuJesu, bamlandisa ngakho konke ababekwenzile nababekufundisile.

[31]Wathi kubo: “Ake sithi shelele sibe sodwa endaweni eyihlane, nihlabe ikhefu.” Ngoba kwakude kufika abantu abaningi bephuma bengena, uJesu nabafundi bakhe ababe besathola nathuba lokudla imbala.

[32]Basuka bahamba ngesikebhe, baya endaweni eyihlane ukuba babe bodwa.

[33]Nokho baningi abababonayo besuka, baphawula ukuthi nguJesu nabafundi bakhe. Bagijimela lapho, beqhamuka kuzo zonke izigodi begijima, babashekelela.

[34]Kuthe ephuma nje esikebheni wakhangwa uquqaba lwabantu. Wafikelwa yisihe, ngoba babenjengezimvu ezingenamelusi; wabafundisa okuningi.

[35]Kuthe sekuhlwa abafundi basondela kuye bafike bathi: “Lendawo iyihlane, futhi selishonile.

[36]Batshele bahlakazeke baye emaphandleni nasemizini eseduzane ukuba bazithengele okuya ngasethunjini! ”

[37]UJesu wabaphendula wathi: “Bapheni nina badle! ” Base bebuza bethi: “Usho ukuthi sesizohamba thina sithenge izinkwa ezibiza imali engangezinhlamvu zesiliva ezingamakhulu amabili, sibaphe badle na? ”

[38]Wathi kubo: “Ake niyobheka ukuthi ninezinkwa ezingaki! ” Kuthe sebezazi ukuthi zingaki bambikela bathi: “Izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili.”

[39]Wabathuma ukuba bahlele bonke abantu ngezigaba, babahlalise etshanini.

[40]Bahlala-ke abantu ngezinhla, amanye amaqembu eyikhulu labantu, amanye engamashumi ayisihlanu.

[41]Wathatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabhekisa amehlo ezulwini wabonga kuNkulunkulu. Wayesehlephula izinkwa, wazinika abafundi ukuba bazabe. Wacaza nezinhlanzi ezimbili, bazabelwa bonke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

42Badla bonke besutha.

43Kwabuthwa imvuthuluka yezinkwa nezinhlanzi, kwagcwaliswa amaqoma ayishumi nambili.

44Amadoda adlayo lapho ayeyizinkulungwane eziyisihlanu.

UJesu uhamba phezu kwamanzi
(Mat 14:22-33; Joh 6:15-21)

45UJesu waphoqelela abafundi bakhe ukuba bangene esikebheni ngaso lesosikhathi, bamendulele baye eBhetsayida ngaphesheya kwechibi, ngenkathi esahlakaza abantu.

46Wabavalelisa wahamba wayokhuleka entabeni.

47Kwahlwa abafundi bephakathi nechibi ngesikebhe, uJesu esalokhu esele yedwa endle.

48Wabona ukuthi siyabashikilisa isikebhe lapho besigwedla, ngoba umoya wawuvunguza uphambana nabo. Kwathi kusesebusukwaneni ngemuva kokukhala kwezinkukhu zesibili uJesu weza ngakubo ehamba phezu kwamanzi. Wayeqonde ukubaceza adlule.

49Kodwa lapho bembona ehamba phezu kwamanzi babethi ungumungcwi, basho ngengila bekhala.

50Phela bamuthi nhla bonke bethuka kabi. Washeshe wabakhulumisa wathi: “Yimani isibindi, yimi bo, ningesabi! ”

51Waya kubo wakhwela esikebheni, umoya wawusudamba. Bethuka bamangala kakhulu kabi, basambatheka.

52Phela umqondo wabo wawungakachachelwa ngesimanga esasenzeke ezinkweni, kwakulokhu kusathe ngci engqondweni yabo.

UJesu uphilisa abagulayo eGenezaretha
(Mat 14:34-36)

53Bawelela ngaphesheya kwechibi bafika ezweni laseGenezaretha, bakhunga isikebhe.

54Kwathi besehla kuso, abantu bambona uJesu.

55Basabalala nesifunda sonke, bathwala iziguli ngezinhlaka, baziyisa lapho bezwe kuthiwa ungakhona.

56Nakuphi lapho aya khona emizaneni nasemizini nasemaphandleni bayisa kuye iziguli ezinkundleni. Bamnxusa ukuba avume zithinte okungenani umphetho wengubo yakhe; bonke abawuthintayo baphiliswa.

UMarko 7

Amasiko asendulo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 15:1-9)

1Kwabuthana kuJesu abafarisi nezazimibhalo ezithize ezazivela eJerusalema.

2Baphawula ukuthi abanye babafundi bakhe badla ngezandla ezingahlanzekile, okusho ukuthi zazingahlanjiwe ngokwesiko.

3Phela abafarisi kanye namaJuda onke babambelele emasikweni abasendulo: kabadli bengahlambanga izandla ngokomthetho.

4Ngisho nokudla okuvela endalini kabakudli bengakakugezi . Kukhona neminye imicikilisho eminingi engamasiko abo abayigcina ngokucophelela, enjengendlela yokugeza izinkomishi nezimbiza nezitsha zethusi .

5Ngakhoke abafarisi nezazimibhalo bambuza bathi: “Kwenziwa yini ukuba abafundi bakho bangahambisi ngokwamasiko abadala? Bavele badle nje ngezandla ezingahlanzekile.”

6Wabaphendula wathi: “Habe! Impela kanti wayeqinisile umphrofethi uIsaya lapho ebikezela ngani bazenzisindini, njengoba uNkulunkulu esho embhalweni ethi: “ ‘Lesisizwe singidumisa ngomlomo nje, kepha izinhliziyo zabo zikude nami.

7Ukungikhonza kwabo kuyize nje; bafundisa imithetho eshaywe ngabantu kube sengathi ivela kimi! ’ ”

8Waqhubeka wathi: “Niyeka umyalo kaNkulunkulu, nibambelele emasikweni abantu.”

9Wabuye wathi: “Maye! Senathola isu elihle lokuchitha umyalo kaNkulunkulu bese nigcina amasiko enu!

10UMose wathi: ‘Yazisa uyihlo nonyoko! ’ wabuye wathi: ‘Ohlambalaza uyise noma unina akabulawe.’

11Kepha nina nifundisa ukuthi, uma umuntu etshela uyise kumbe unina ethi: ‘Ebengizokusiza ngakho sengikwahlukanisele uNkulunkulu ,’

12lomuntu akasavunyelwe ukuba asize uyise noma unina.

13Ngalokhu nikwenza ubala okushiwo nguNkulunkulu, nikuchithe ngokufundisa amasiko enu enawamukela kokhokho. Kuningi okunye enikwenzayo okufana nalokhu.”

Okungcolisa umuntu abe ngongahlanzekile

(Mat 15:10-20)

14UJesu wabuye wabiza isixuku sasondela kuye, wathi kuso: “Lalelani lapha ningizwe kahle nonke!

15Akukho lutho umuntu aludlayo lungene kuye olungamngcolisa abe ngongahlanzekile; kepha yilokho okuphuma kuye okumngcolisayo.

[16Onendlebe akezwe engikushoyo!]”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Wehlukana nabantu qede wangena endlini, abafundi bakhe bambuza ukuthi lomzekeliso uqondeni.

18Waphendula wathi: “Kanti nani anikuzwa engikushoyo na? Aniboni yini ukuthi lokho umuntu akudlayo kungene ngaphakathi kuye kungemngcolise na?

19Phela akungeni enhliziyweni, kodwa kungena esiswini kubuye kuphume ngasese.” (Ngokusho njalo wayechaza ukuthi konke ukudla kuhlanzekile.)

20Waqhubeka wathi: “Yilokho okuqhamuka kumuntu okumngcolisa abe ngongahlanzekile.

21Ngoba kuvela ngaphakathi enhliziyweni yomuntu imicabango emibi edala ukuhlobonga nokweba nokubulala

22nokuphinga nokukhanuka nenkohlakalo nenkohliso namanyala nomona nokugxeka nokuziqhayisa nobuwula.

23Bonke lobububi buqhamuka ngaphakathi, bungcolise umuntu.”

Ukukholwa kowesifazane ongowezizwe

(Mat 15:21-28)

24UJesu wasuka lapho, waqonda endaweni eseduze nomuzi waseThire. Wangenisa emzini othile, akaze athanda ukuba kwaziwe lokho; kepha kwakungenzeke ukuba ahlale ezifihlile.

25Kwakukhona owesifazane othile owayenendodakazi esencane inomoya ongcolileyo. Wezwa ngoJesu waya kuye, wafike wazilahla phambi kwakhe.

26Owesifazane lo wayengesiye umJuda, ngokuzalwa engowaseFenisiya kwelaseSiriya. Wanxusa uJesu ukuba akhiphe idimoni endodakazini yakhe leyo.

27UJesu wathi kuye: “Akudle kuqala abantwana abazalwa ekhaya benele; akulungile ukuba kuthathwe ukudla kwabantwana kuphoselwe izinja.”

28Owesifazane wamphendula wathi: “Yebo Nkosi, izinja ziyaye ziyidle kodwa imvuthuluka yabantwana ewa ogqokweni.”

29UJesu wayesethi kuye: “Awu! Ukhulumile mame, usungabuyela ekhaya! Idimoni liphumile kumntanakho.”

30Owesifazane wabuyela kubo, wafica umntwana ecambalele, idimoni seliphumile.

UJesu uphilisa isithulu esiyisimungulu

31UJesu wasuka esigodini saseThire, wanqamula eSidoni, wadabula esifundeni esimadolobha ayishumi ephikelele echibini laseGalile.

32Bayisa kuye isithulu esasinamalimi, bamnxusa ukuba asibeke izandla siphile.

33Wasithatha waqhela naso kubantu, wasifaka iminwe yakhe ezindlebeni, wasininda ulimi ngamathe akhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Wabhekisa amehlo ezulwini, wabubula wathi kuso: *“Efatha!”* okusho ukuthi: “Vuleka! ”

35Zavuleka izindlebe zaso khona lapho, nolimi lwaso lwathukuluka sakhuluma kwaqonda.

36UJesu wabaxwayisa abantu ukuba bangakutsheli muntu lokhu, kepha kwaba sengathi ubaqhubela phambili ukuba lendaba bayandise izwe lonke.

37Abantu bamangala okwehlula ukwenza bathi: “Ukwenze kahle konke; uvula ngisho nezithulu zizwe nezimungulu zikhulume.”

UMarko 8

Izinkulungwane ezine ziphiwa ukudla

(Mat 15:32-39)

1Akubanga nsuku ngaki kwaphinde kwabuthana izindimbane zabantu. Babengasenalutho abangaludla, uJesu wayesebiza abafundi bakhe basondela, wathi kubo:

2“Ngifikelwa yisihe ngalezizinkumbi zabantu. Sebehlale nami izinsuku ezintathu, manje bazodlani?

3Uma ngibabuyisela emakhaya belambile bayopatalala nasendleleni, ngoba abanye babo bavela kude.”

4Abafundi baphendula bathi: “Pho kulelihlane umuntu angakuthathaphi ukudla okungenela lababantu na? ”

5Wababuza wathi: “Ninezinkwa ezingaki? ” Baphendula bathi: “Ziyisikhombisa.”

6Wahlalisa abantu phansi. Wathatha izinkwa eziyisikhombisa, wabonga kuNkulunkulu wazihlephula, wazinika abafundi bakhe ukuba bazabele abantu. Basabela-ke isixuku.

7Babephethe izinhlanzana ezimbalwa. UJesu wabonga kuNkulunkulu, wathi nazo azabelwe abantu.

8Badla-ke besutha: kwase kubuthwa imvuthuluka, yaba yiziqabetho eziyisikhombisa.

9Ababelapho babebalelwa ezinkulungwaneni ezine. Wabavalelisa bagoduka.

10Wangena esikebheni ngaso lesosikhathi kanye nabafundi, baya ngaseDalmanutha.

Inkani yabafarisi befuna isibonakaliso

(Mat 16:1-4)

11Abafarisi baya kuJesu bafike baqophisana naye. Babesophe ukumhila, ngakhoke bathi akaveze isibonakaliso esikhomba ukuthi unamandla avela ezulwini.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12UJesu wabubula ngokudangala okukhulu wathi: “Kodwa yini lesisizukulwane salemihla silokhu safuna isibonakaliso? Ngiyanitshela impela ngithi, akukho sibonakaliso basithola lapha.”

13Wabashiya kanjalo, waphindela esikebheni wamuka nabafundi bakhe bawelela ngaphesheya kwechibi.

Imvubelo yabafarisi nekaHerodi
(Mark 16:5-12)

14Abafundi babekhohlwe umphako, bephethe isinkwa esisodwa kuphela esikebheni.

15UJesu wabaxwayisa wathi: “Hlalani niqaphele, nixwaye imvubelo yabafarisi neyenkosi uHerodi! ”

16Base befakana imilomo bethi: “Ukusho lokhu ngoba singenasinkwa.”

17UJesu waphawula ukuthi bathini, wathi: “Nisholani ukuthi aninasinkwa na? Anikaboni yini niqonde namanje? Ngabe kusahlwe ngci engqondweni yenu na?

18Njengoba ninamehlo nje aniboni yini? Njengoba ninezindlebe nje anizwa yini? Anisakhumbuli

19mhla ngihlephula izinkwa eziyisihlanu ngabela izinkulungwane eziyisihlanu na? Nagcwalisa amaqoma emvuthuluka amangaki na? ” Bamphendula bathi: “Ishumi nambili.”

20UJesu wabuza wathi: “Mhla ngihlephula izinkwa eziyisikhombisa ngabela izinkulungwane ezine, nagcwalisa iziqabetho zemvuthuluka ezingaki na? ” Bamphendula bathi: “Eziyisikhombisa.”

21Wathi kubo: “Ngabe namanje kusahlwile engqondweni yenu na? ”

UJesu uphilisa impumputhe eBhetsayida

22Bafika emzini waseBhetsayida. Kwasiwa kuye impumputhe, wanxuswa ukuba ayithinte.

23Wayibamba ngesandla, wayikhiphela ngaphandle komuzi, wayininda ngamathe emehlweni wayibeka izandla, wayibuza wathi: “Kukhona okubonayo na? ”

24Yavula amehlo yathi: “Ngibona abantu, kodwa babukeka njengezihlahla ezihambayo.”

25Waphinda wayiphatha amehlo elapheka, avuleka nge, yakubona konke kwachacha.

26UJesu wayesemtshela ukuba abuyele kubo wathi: “Ungabe usaphindela naseBhetsayida! ”

Ubufakazi bukaPhetro ngoJesu
(Mat 16:13-20; Luk 9:18-21)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27UJesu wahamba nabafundi bakhe baphikelela emizaneni eseduze nomuzi waseKhesariya Filiphi. Besesendleleni uJesu wababuza wathi: “Abantu bathi ngingubani na? ”

28Baphendula bathi: “Kuthiwa unguJohane umbhabhadisi, kodwa abanye bathi unguElija, abanye-ke bathi ungomunye wabaphrofethi.”

29Wababuza wathi: “Pho nina nithi ngingubani na? ” UPhetro wamphendula wathi: “UnguMesiya umgcotshwa.”

30UJesu wayesexwayisa abafundi, wathi bangakhulumi kumuntu ngaye.

UJesu ubikezela ukufa kwakhe

(Mat 16:21-28; Luk 9:22-27)

31UJesu wayesefundisa abafundi ukuthi kumele iNdodana yesintu ihlupheke kabi, izigele nezikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo ziyihluphe ziyikhiphe inyumbazane, ibulawe, ivuke emuva kwezinsuku ezintathu.

32Lokhu wakukhuluma ngokusobala. UPhetro wamdonsela eceleni, wathi makangakhulumi kanjalo.

33Kepha uJesu waphenduka wabheka ngakubafundi, wakhuza uPhetro wathi: “Deda kimi Sathane! Izinto awuzibuki ngeso likaNkulunkulu, kodwa uzibuka ngamehlo abantu.”

34Wabiza isixuku kanye nabafundi basondela kuye wathi kubo: “Uma umuntu ethanda ukuba ngumlandeli wami, akazidele etshathe isiphambano sakhe angilandele.

35Ngoba lowo ofuna ukuhlenga ukuphila kwakhe kuyomlahlekela, kepha odela ukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli, ukuphila kwakhe kuyolondeka.

36Kungamsiza ngani umuntu ukuba azuze konke okomhlaba, kepha alahlekelwe ngukuphila kwakhe na?

37Ngeke akuthenge ngalutho ukuphila kwakhe kubuyele kuye.

38Uma umuntu enezinhloni ngami nangamazwi ami phambi kwesizukulwane salemihla esingathembekile nesonakeleyo, nayo iNdodana yesintu iyoba nezinhloni ngaye mhla izayo nezingilosi ezingcwele ngobukhosi bukaYise.”

UMarko 9

1Wathi kubo: “Ake nilalele nginitshele! Kukhona abathile lapha abangayikuthathwa ukufa besahlalele ukufika kwesikhathi abayobona uNkulunkulu ebusa kuso ngamandla.”

UJesu uguquka esinye isimo

(Mat 17:1-13; Luk 9:28-36)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Kwadlula izinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPhetro noJakobe noJohane, wemuka nabo benyukela entabeni ende. Babebodwa lapho. Waguquka bembuka,

3izingubo zakhe zaba mhlophe zakhazimula zaxhopha amehlo. Akukho muntu emhlabeni ongahlanza izingubo zikhanye kangakaya.

4Base bebona uElija kanye noMose bekhuluma noJesu.

5UPhetro wathi kuye: “Rabi , kube kuhle kabi ukuba sibe lapha. Asisale sesimisa amadokodo amathathu, elakho nelikaMose nelikaElija! ”

6Phela wayengasazi nokuthi angathini, ngoba base bephelile wuvalo.

7Kwaba khona ifu elabasithibezayo, kwezwakala izwi efwini lithi: “Lo uyiNdodana yami engiyithandayo; lalelani ekushoyo! ”

8Bathi qala qala masinyane kodwa bangabona muntu, ngaphandle kukaJesu owayesele nabo.

9Kuthe besehla entabeni uJesu wabadonsa ngendlebe wathi: “Ningalokothi nitshele muntu ngenikubonileyo, iNdodana yesintu ingakavuki kwabafileyo! ”

10Banamathela kulamazwi babuzana ukuthi kuyini ukuvuka kwabafileyo.

11Bambuza bathi: “Zikusho ngani izazimibhalo ukuthi kumele kufike uElija kuqala na? ”

12Waphendula wathi: “Kunjalo, uElija uyofika kuqala ezohlela konke. Pho imibhalo engcwele ikusho ngani ukuthi iNdodana yesintu iyohlushwa kakhulu ibukelwe phansi na?

13Kodwa-ke ngiyanitshela ngithi sewafika uElija, kepha benza umathanda kuye, kwanjengoba kulotshiwe ngaye embhalweni ongcwele.”

UJesu uphilisa umfana onomoya oyisimungulu

(Mat 17:14-21; Luk 9:37-43a)

14Babuyela kubafundi babafica bengungwe yisixuku, kukhona nezazimibhalo ezaziqagulisana nabo.

15Isixuku sonke sanele sambona uJesu samangala kakhulu, samphuthuma sambingelela.

16Wabuza kubafundi wathi: “Nidazisana nkani zini nalaba na? ”

17Kwaphendula indoda esihlweleni yathi: “Mfundisi bengize kuwe ngilethe indodana yami. Ingenwe ngumoya oyisimungulu.

18Ude uyidumela uyilahle phansi, ikhihlize amagwebu igedle amazinyo, yome ibe uqhotho. Ngibacelile abafundi bakho ukuba bawukhiphe kodwa behluleka.”

19UJesu wathi kubo: “Hhawu, loluhlobo lwabantu abangenalo ukholo! Koze kube nini ngihlezi nani na? Ngonibekezelela kuze kube nini na? Mletheni kimi! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Base bemlethela umfana. Kwathi ukuba umoya omubi umuthi nhla uJesu,
wadumela umfana umshaya phansi, wangqasha wakhihliza amagwebu.

21UJesu wabuza kuyise wathi: “Kwamqala nini lokhu na? ” Waphendula wathi:
“Wakhula nakho.

22Kuvamisile ukuba lomoya umsukele, uthi awumqede umphonsa emlilweni
nasemanzini. Uma kukhona ongakwenza, sihawukele usisize! ”

23UJesu wathi kuye: “Uthi uma kukhona engingakwenza? Yebo, okholwayo
angakwenza konke.”

24Washo ngelikhulu uyise womfana wathi: “Ngiyakholwa, ngisize
kulokhukungakholwa kwami! ”

25UJesu wabona isinyokotho sibabunganyela, wakhuza umoya ongcolileyo wathi:
“Moya oyisimungulu nesithulu, kusho mina ngithi kuwe: Phuma uphele kuye! ”

26Umoya waklabalasa, wahlukumeza umfana kabi, wawusuphuma kuye, umfana
walala wathi ja, iningi laze lathi usefile.

27Kepha uJesu wambamba ngesandla, wamvusa wamsukumisa.

28Kuthe uJesu esefikile ekhaya, abafundi behlezi naye bebodwa, bambuza bathi:
“Sehlulwe yini ukuwukhipha lomoya na? ”

29Waphendula wathi: “Ngumkhuleko kuphela onganqoba umoya onje, akukho
okunye.”

UJesu uyaphinda ukubikezela ukufa kwakhe

(Mat 17:22-23; Luk 9:43b-45)

30Base besuka kuleyondawo, baqhubekela phambili badabula kwelaseGalile.
Akathandanga ukuba lokho kwaziwe muntu,

31ngoba wayefundisa abafundi bakhe. Wathi kubo: “INdodana yesintu izonikelwa
ezandleni zabantu bayibulale, kodwa ivuke ngosuku lwesithathu emuva kokufa
kwayo.”

32Kabaqondanga ukuthi ngabe uthini, kepha besaba ukumbuza.

Ngubani omkhulu kunabanye?

(Mat 18:1-5; Luk 9:46-48)

33Bafika eKhaphenawume. Kuthe sebesekhaya wababuza wathi: “Beniqagulisana
ngani endleleni na? ”

34Kepha bawuhlaba inhlali, ngoba babekade bephikisana endleleni bebanga
ubukhulu.

35Wahlala phansi, wamemeza abayishumi nambili basondela kuye. Usethi kubo:
“Lowo ofuna ukuba ngowokuqala akabe ngowokugcina, azibeke phansi abe
yisisebenzi sabo bonke.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

36Wathatha umntwana, wammisa phakathi kwabo. Wamgona wathi kubo:

37“Lowo owemukela umntwana abe munye onje ngenxa yami wemukela mina; lowo-ke ongemukelayo akemukeli mina nje, wemukela uNkulunkulu ongithumileyo.”

“Lowo ongamelene nathi uhambisana nathi”

(Mat 10:42; Luk 9:49-50)

38UJohane wathi kuJesu: “Mfundisi, kade sibona umuntu ebiza igama lakho lapho ekhipha amadimoni. Sase siyamkhuza simvimba, ngoba engahambisani nathi.”

39UJesu waphendula wathi: “Ningabomkhuza; phela lowo obiza igama lami lapho enza izimangaliso, ngeke asheshe angiphendukele angigxibhe.

40Ngoba lowo ongamelene nathi uhambisana nathi.

41Lowo oniphuzisa amanzi ngoba ningabakaMesiya, ngiyaqinisa impela ngithi, uyovuzwa ngalokho.

Izikhubekiso

(Mat 18:6-9; Luk 17:1-2)

42“Okhubekisa abe munye kulaba abancane abakholwa kimi amwise ekukholweni, bekungangcono kulowomuntu ukuba kuboshelwe inguzunga yetshe entanyeni yakhe, aphonswe elwandle aminze.

43Ngakhoke uma isandla sakho sikukhubekisa, sinqume! Kungcono kuwe ukuba ungene ekuphileni okuphakade uyingini kunokuba uye esihogweni, emlilweni ongacimekiyo unezandla zombili.

[44‘Yindawo ezimpethu zayo zingafi, indawo emlilo wayo ungacimeki.’]

45Uma unyawo lwakho lukukhubekisa, lunqume! Kungcono ukuba ungene ekuphileni okuphakade uyisinqekle kunokuba uphonswe esihogweni unezinyawo zombili. [46‘Yindawo ezimpethu zayo zingafi, indawo emlilo wayo ungacimeki.’]

47Neso lakho uma likukhubekisa, likipilite! Kungcono ukuba ungene embusweni kaNkulunkulu uneso elilodwa kunokuba uphonswe esihogweni unamehlo omabili.

48‘Yindawo ezimpethu zayo zingafi, indawo emlilo wayo ungacimeki.’

49“Yilowo nalowo uyovivinywa ngomlilo njengokudla kuyoliswa ngosawoti.

50Kuhle ukunonga ngosawoti, kepha uma usuphenduke isiphusha, kuyovuselelwa kanjani ukukhalipha kwawo na? Yibani ngusawoti wempela, nihlalisane ngokuthula! ”

UMarko 10

UJesu ufundisa ngesehlukaniso

(Mat 19:1-12; Luk 16:18)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1UJesu wasuka kuleyondawo waya kwelaseJudiya, wawelela kwelingaphesheya komfula iJordani. Kwabuye kwakhandana izihlwele kuye, waphinde wazifundisa njengenhlayenza.

2Kwase kusondela abafarisi besophe ukumhila. Bambuza bathi: “Kungumthetho yini ukuba indoda ichithe umkayo na? ”

3Wabaphendula wathi: “Kanti uMose waniyaleza wathini na? ”

4Bathi kuye: “UMose wavumela indoda ukuba ichithe umkayo ngencwadi yesehlukaniso.”

5UJesu wathi kubo: “Waloba wanibekela lomthetho, ngoba nje ninamakhanda alukhuni.

6Kodwa ekuqaleni lapho ekudala konke uMvelinqangi, ‘wadala abantu baba ngowesilisa nowesifazane.

7Ngakhoke indoda iyodela uyise nonina inamathele kumkayo,

8laba ababili babe nyamanye.’ ” UJesu wagcina ngokuthi: “Ngakhoke kabasebabili kepha sebenyamanye.

9Lokho-ke osekuhlanganiswe nguMvelinqangi akungahlukaniswa muntu! ”

10Kuthe sebefikile ekhaya, abafundi babuye bambuza ngaloludaba.

11Wabaphendula wathi: “Leyondoda echitha umkayo ibisiganwa ngomunye, inecala lokuphinga kumkayo.

12Nowesifazane olahla umyeni wakhe agane enye indoda uyaphinga.”

UJesu ubusisa abantwana

(Mat 19:13-15; Luk 18:15-17)

13Bayisa izingane kuye ukuba aziphathe ngezandla, kodwa abafundi babakhuza babavimbela.

14UJesu wakubona lokhu, wacasuka, wathi: “Bavumeleni abantwana beze kimi, ningabavimbeli, ngoba umbuso kaNkulunkulu ungowabanje.

15Ngiyanitshela ngithi, bonke labo abangawemukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana, akasoze ababuse nempela.”

16Wabagona, wababeka izandla wababusisa.

Indoda ecebileyo

(Mat 19:16-30; Luk 18:18-30)

17Kuthe lapho esezoqhubeka nohambo lwakhe, indoda ethile yagijimela kuye, yamguqela yambuza yathi: “Mfundisi olungileyo, ngingenze njani ukuze ngidle ifa lokuphila okuphakade na? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18UJesu wayibuza wathi: “Ukuthathaphi ukuthi ngingolungileyo? Kakho olungileyo, nguMvelinqangi kuphela.

19Angithi uyayazi imiyalo ethi: ‘Ungabulali; ungaphingi; ungebi; ungafakazi amanga; ungaqilizeli muntu; yazisa uyihlo nonyoko! ’ ”

20Yaphendula yathi: “Mfundisi, ngiyigcinile yonke lemiyalo kwasebusheni bami.”

21UJesu wayibuka, wezwa eyithanda wathi kuyo: “Kusasilele okukodwa ongakakwenzi. Hamba uthengise ngakho konke onakho wabele abampofu, yikhona uyoba nengcebo ezulwini. Usungeza-ke ungilandele.”

22Indoda yajabha, yahamba umoya wayo udikibele lapho izwa lawamazwi, ngoba yayicebile.

23UJesu waphosa amehlo ngakubafundi bakhe wathi kubo: “Wo kulukhuni kuyitshe ukuba izicebi zingene embusweni kaNkulunkulu! ”

24Lamazwi akhe abethusa abafundi. Kodwa uJesu waphinde wathi: “Bantabami, kulukhuni kabi ukuba umuntu angene embusweni kaNkulunkulu.

25Yebo, kulula ukuba ikameli lichushe entunjeni yosungulo kunokuba isicebi singene embusweni kaNkulunkulu.”

26Bakhexa imilomo babuzana bodwa bathi: “Pho uma kunjalo, kungasindiswa bani na? ”

27UJesu wababheka wathi kubo: “Abantu bangekwenze lokhu, kodwa uNkulunkulu angakwenza, ngoba uNkulunkulu akehlulwa lutho.”

28UPhetro wayesethatha wathi kuJesu: “Nakhu thina, sikushiye phansi konke ebesinakho, salandela wena.”

29UJesu wathi: “Ngiyaqinisa impela ngithi, lowo odela indlu noma abafowabo noma odadewabo noma unina noma uyise noma abantwana noma amasimu, konke lokhu ekwenzela mina nevangeli,

30uyophiwa lowo okuningi okuphindwe ngekhulu esekhona lapha emhlabeni. Anikwe izindlu, abafowabo, odadewabo, onina, abantwana, amasimu, ahlupheke nokho, abesethola ukuphila okuphakade ezweni elizayo.

31Into nje, abaningi abangabokuqala bayoba ngabokugcina, abaningi abangabokugcina babe ngabokuqala.”

Sekungokwesithathu uJesu ebikezela ukufa kwakhe

(Mat 20:17-19; Luk 18:31-34)

32Babenyuka ngendlela bebheke eJerusalema. UJesu wayehamba phambi kwabo, abafundi bemangele nabantu ababelandela besovalweni. UJesu wabuye wathatha abayishumi nambili waqhela nabo, wabalandisa ngokuzomehlela

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33wathi: “Lalelani, sesenyukela eJerusalema manje. INdodana yesintu izonikelwa ezikhulwini zabaphristi kanye nezazimibhalo. Zizoyinqumela ukufa ziyinikele kwabezizwe,

34bayenze inhlekisa, bayifele ngamathe, bayibhaxabule bayibulale, kepha ivuke emuva kwezinsuku ezintathu.”

Isicelo sikaJakobe noJohane

(Mat 20:20-28)

35Amadodana kaZebedi oJakobe noJohane basondela kuJesu bathi: “Mfundisi, kukhona esicela ukuba usenzele khona.”

36Wababuza wathi: “Yini enifuna ukuba nginenzele yona na? ”

37Baphendula bathi: “Ukuba sihlale nawe sikuphahle lapho ususebukhosini bombuso wakho, omunye abe ngakwesokunene sakho, omunye ngakwesokhohlo.”

38UJesu wathi kubo: “Anazi ukuthi nifunani nina. Ningakumela yini ukuphuza indebe yokuhlupheka engiyiphuzayo, nibhabhadiswe ngombhabhadiso wosizi engibhabhadiswa ngawo na? ”

39Baphendula bathi: “Singakwenza.” UJesu wathi kubo: “Yebo niyoyiphuza indebe yokuhlupheka kwami, nibhabhadiswe ngombhabhadiso wami.

40Kodwa akukhona okwami ukuhlalisa ngakwesokunene nangakwesokhohlo sami. Lezozikhundla zingezalabo asebazilungiselwa.”

41Abayishumi bakuzwa lokho base becasukela oJakobe noJohane.

42UJesu wababiza bonke basondela, wathi kubo: “Niyazi ukuthi laba okuthiwa babusa izizwe banamandla phezu kwazo, nezikhulu ziyazibusa ngalabo ezibaphetheyo.

43Akunjalo kodwa kini. Lowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu, akabe yinceku yabanye,

44nalowo ofuna ukuba ngowokuqala akabe yisisebenzi sabo bonke.

45Nayo iNdodana yesintu yayingezanga ukuba ikhonzwe, kodwa yayize ukuba ikhonze abanye, idele ukuphila kwayo kube yisihlengo sokukhulula abaningi.”

UJesu uphilisa uBhathimiyose impumputhe

(Mat 20:29-34; Luk 18:35-43)

46Bafika emzini waseJerikho. UJesu waphuma kulowomuzi, ehamba nabafundi bakhe noquqaba olukhulu lwabantu. Kwakunempumputhe ihlezi eceleni kwendlela inqiba; ibizwa ithiwe nguBhathimiyose umfokaThimiyose.

47Yathi ingezwa ukuthi lo odlulayo nguJesu waseNazaretha, yamemeza yathi: “Yesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

48Yakhuzwa abantu abaningi, kepha babe besathe ayithule, yaqala phansi yasho
kakhulu yathi: “Ndodana kaDavide ngihawukele! ”

49UJesu wema wathi: “Ake nimbize! ” Base beyimemeza impumputhe bethi kuyo:
“Yima isibindi! Uyakubiza, sukuma! ”

50Yasukuma yathi lacu, yalahla phansi ingutshana yayo, yaya kuJesu.

51Usethi kuyo uJesu: “Uthanda ukuba ngikwenzeleni na? ” Impumputhe iphendule
ithi: “Rabhuni , ukuba ungivule amehlo.”

52UJesu wathi kuyo: “Hamba, ukukholwa kwakho kukusindisile! ” Yavuleka
amehlo yabona ngaso lesosikhathi, yangena indlela yamlandela.

UMarko 11

UJesu ungena ngodumo eJerusalema

(Mat 21:1-11; Luk 19:28-40; Joh 12:12-19)

1Babesebuqamama naseJerusalema besondela emizaneni yaseBhetfage
naseBhethani ngaseNtabeni yemiHlwathi. UJesu athume abafundi ababili,

2athi kubo: “Hambani niye kunankuya umuzi! Niyothi ningena nje kuwo bese
nibona kukhulekwe inkonyane yembongolo engakaze igitshelwe muntu.
Yithukululeni niyilethe lapha!

3Uma kukhona othi kini: ‘Nenzani lapho? ’ anothi: ‘INkosi iyayidinga, izosheshe
iyibuyise.’ ”

4Bahamba-ke, nebala bayifica inkonyane ngaphandle emgwaqweni ikhulekwe
eduze kwesithumbanja sendlu; bayithukulula.

5Abathile kwababemi lapho bathi: “Nenzani, nathukulula inkonyane na? ”

6Babaphendula njengoba beyalwe nguJesu, base bebadedela-ke.

7Abafundi bayisa inkonyane kuJesu, bendlala izingubo zabo emhlane wayo,
wagibela.

8Abantu abaningi bendlala izingubo zabo endleleni, abanye bahlusula amahlamvu
ezihlahla endle bawendlala.

9Labo ababehamba phambili nababemlandela bamemeza bathi: “Bayede!
Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi ebhekiweyo ukuthi iyeza!

10Libuyile, awume njalo umbuso kababa uDavide! Khuzani ubayede
kweliphezulu! ”

11UJesu wayesetheleka eJerusalema, waye wangena ethempelini. Waqalaza yonke
indawo, wayesephuma nabayishumi nambili waya eBhethani, ngoba kwase kuqala
ukuqundeka amehlo.

UJesu uqalekisa umkhiwane

(Mat 21:18-19)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Kuthe sebevela eBhethani ngakusasa, uJesu waphathwa yiphango.

13Welamela buqamamana umkhiwane onamaqabunga, wahamba eyobheka ukuthi angase atholeni kuwo. Waya kuwo wafica amaqabunga odwa, ngoba kwakungakabi yisikhathi samakhiwane.

14Washo emkhiwaneni wathi: “Akukho muntu nanini oyophinde adle isithelo esivela kuwe.” Abafundi bakhe bamuzwa ekhuluma kanjalo.

Ukuhlanzwa kwethempeli

(Mat 21:12-17; Luk 19:45-48; Joh 2:13-22)

15Bafika eJerusalema, uJesu wangena ethempelini. Waxosha ababethengiselana ngempahla kulo. Wagumbuqela amatafula alabo ababeshintshela abantu imali, waketula nezihlalo zababethengisa ngamajuba.

16Akaze avumela muntu ukuba anqamule nemithwalo emabaleni ethempeli.

17Wafundisa abantu wathi kubo: “Akulotshiwe yini embhalweni ongcwele okushiwo nguNkulunkulu ethi: ‘Indlu yami iyobizwa ithiwe yindlu okuyokhuleka kuyo abantu bezizwe zonke’? Kepha nina manje seniyenze umgede wabaphangi.”

18Izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zakuzwa lokhu, zase zifuna isu lokumgudluza. Phela zazimesaba, ngoba izihlwele zabe zithathekile ngokufundisa kwakhe.

19Kwathi kungahlwa waphuma nabafundi eJerusalema.

Isifundo salokho okwenzeka emkhiwaneni

(Mat 21:20-22)

20Kuthe sebebuya ekuseni ngakusasa bedlula ngendlela, babona umkhiwane usuwome kusukela phezulu kwaze kwashaya phansi ezimpandeni.

21UPhetro wakhumbula indaba yangayizolo, wayesethi kuJesu: “Rabi, awubheke! Umkhiwane owuqalekisileyo usuwomile.”

22UJesu wathi kubo: “Thembelani kuNkulunkulu!

23Uma kungahle kube khona ongatshela lentaba athi kuyo: ‘Zimbuka lapha uphoseke elwandle! ’ ngiyaqinisa impela ngithi, uyokwenzelwa lokho uma engangabazi enhliziyweni yakhe kodwa ekholwa ukuthi akushoyo kuzokwenzeka.

24Ngakhoke ngithi kini: Konke enikucelayo nikhuleka, kholwani ukuthi nikutholile, yikhona niyokwamukeliswa.

25Uma nisukuma nikhuleka, thethelelani labo eninamagqubu nabo, yikhona noYihlo osezulwini ezonithethelela izono zenu.

[26Uma ningabathetheleli abanye, noYihlo osezulwini akayikunithethelela izono zenu.]”

Umbuzo ngegunya likaJesu

(Mat 21:23-27; Luk 20:1-8)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27UJesu nabafundi babuye bafika eJerusalema. Kuthe esahamba phakathi
ethempelini, izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo nezigele zeza kuye,

28zambuza zathi: “Ukwenza lokhu ngagunya lini na? Ngabe ngubani owakunika
leligunya na? ”

29UJesu waphendula wathi: “Ngizoke nginibuze umbuzo owodwa. Ngiphenduleni,
nami-ke ngizonitshela ukuthi ngikwenza lokhu ngagunya lini.

30UJohane umbhabhadisi walithathaphi igunya lokubhabhadisa, walinikwa
nguNkulunkulu noma walithatha kubantu na? Ngiphenduleni kulokho? ”

31Base behlanganisa amakhanda bethi: “Uma sithi walinikwa nguNkulunkulu
uzothi: ‘Pho animkholwanga ngani uJohane na? ’

32Kanti-ke futhi uma singathi walithatha kubantu, phinde! ” — besaba isixuku,
ngakhoke bazikhuza, ngoba phela bonke babethi uJohane wayengumphrofethi
woqobo.

33Base bephendula bethi: “Kasazi.” UJesu wathi kubo: “Nami-ke angizukunitshela
ukuthi ngikwenza lokhu ngagunya lini.”

UMarko 12

Umzekeliso ngabaqashi besivini

(Mat 21:33-46; Luk 20:9-19)

1Wakhuluma-ke kubo ebalandisa imizekeliso ethi: “Umuntu watshala isivini,
wasibiyela ngogange. Wagweda isikhamo sewayini etsheni, wakha idladla
lokulinda. Lesisivini wasiqashisa kubalimi, wahambela kwelikude.

2Kwafika isikhathi sokuvuna wathumela inceku kubaqashi besivini ukuba ilande
ingxenye yesivuno.

3Badumela inceku bayidinda, bayiphindisela emuva ivathazela.

4Umninisivini wabuye wathumela enye inceku. Leyo bayiphophotha ikhanda,
bayithela ngehlazo.

5Wabuye wathumela enye, nayo bayibulala. Benze njalo nakwezinye eziningi:
kukhona ezadindwayo nezabulawayo.

6Wayesesele noyedwa zwi angamthuma. Kwakuyindodana yakhe ayithanda
kakhulu. Wabathumela yona ekugcineni ethi: ‘Indodana yami bayoyihlonipha.’

7Kodwa abaqashi laba bacebisana bathi: ‘Nansi indlalifa! Asiyihlanganyele
siyibulale, sidle ifa layo! ’

8Basho bayidumela bayibulala, baphonsa isidumbu sayo ngaphandle kwesivini.

9Umninisivini uyokwenze njani lapho na? Uyofika ababhubhise lababalimi,
aqashise ngesivini kwabanye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Aniwufundanga yini lombhalo ongcwele othi: “ ‘Itshe lokwakha elaliwa
ngabakhi bethi liyinto engenamkhuba, kwaba yilona sisekelo njengensika ephase
indlu.

11Lokhu kungukwenza kukaSimakade, kuyasimangalisa kakhulu ukukubona.’ ”

12Babefuna ukumbamba ngoba kwabakhanyela ukuthi lomzekeliso uwubhekise
kubo. Kepha besaba isixuku, ngakhoke bamshiya kanjalo bahamba.

Umbuzo ngentela
(Mat 22:15-22; Luk 20:20-26)

13Kwathunyelwa abafarisi nabeqembu likaHerodi, baya kuJesu besophe ukumhila
ngemibuzo.

14Bafika bathi kuye: “Mfundisi, siyazi ukuthi uqotho. Awuthengi mehlo amuntu,
ngoba ubunjani bomuntu awubushayi mkhuba. Ufundisa indlela kaNkulunkulu
ngobuqotho. Kuphambene yini nomthetho ukuba sithelele ikhanda kuKhesari
inkosi yombuso waseRoma na? Silithelele noma singalitheleli na? ”

15Kodwa wakubona ukumbuluza kwabo wathi: “Ningicuphelani na? Lethani lapha
uhlamvu lwemali ngilubone! ”

16Bamnika uhlamvu. Wababuza wathi: “Ngokabani umfanekiso okuloluhlamvu,
wona lombhalo ngokabani na? ” Bamphendula bathi: “NgokaKhesari.”

17UJesu wathi: “Mnikeni uKhesari okukaKhesari, uNkulunkulu nimnike
okukaNkulunkulu! ” Wabamangalisa kakhulu.

Umbuzo ngokuvuka kwabafileyo
(Mat 22:23-33; Luk 20:27-40)

18Abasadusi bayaye bathi akukho kuvuka kwabafileyo. Kwasuka abathile kubo
baya kuJesu bambuza bathi:

19“Mfundisi, uMose wasilobela umthetho wathi uma indoda ifa ishiya umfelokazi
ingazele, umfowabo wendoda akamngene avuse umuzi womufi.

20Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa. Esokuqala saganwa, safa singazele.

21Esesibili sangena umfelokazi, safa singazele. Senze njalo nesesithathu.

22Amukho owazala kuye kulaba abayisikhombisa. Wafa nomfelokazi ekugcineni.

23Pho woba ngumkabani kulaba mhla bevuka ngosuku lokuvuka kwabafileyo na?
Ingani wayekade ebagane bonke laba abayisikhombisa.”

24UJesu waphendula wathi: “Imibhalo engcwele aniyazi, namandla kaNkulunkulu
aniwaqondi, akuyikho yini lokhu okubanga ukuba neduke kangaka na?

25Phela asebevukile kwabafileyo kabasaganani, kodwa bayoba njengezingilosi
zasezulwini,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Mayelana nendaba yokuthi abafileyo bayavuka, anifundanga yini encwadini
kaMose na? Kulotshiwe endabeni yehlozi elavuthayo ukuthi uMvelinqangi
wakhuluma kuye wathi: ‘Mina nginguNkulunkulu ka-Abhrahama,
nginguNkulunkulu kaIsaka, nginguNkulunkulu kaJakobe.’

27UnguNkulunkulu wabaphilayo, labo anguNkulunkulu wabo kabafile. Neduke
ngempela nina.”

Umyalo omkhulu
(Mat 22:34-40; Luk 10:25-28)

28Isazimibhalo esithile sabezwa bephikisana, sabona ukuthi uJesu ubaphendule
kahle. Sasondela sambuza sathi: “Yimuphi umyalo omkhulu phakathi kwayo
yonke na? ”

29UJesu wasiphendula wathi: “Umyalo omkhulu yilo: ‘Lalelani Israyeli! USimakade
uNkulunkulu wethu unguSimakade yedwa zwi.

30Wothanda uSimakade uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke
nangomphefumulo wakho wonke nangengqondo yakho yonke nangamandla akho
onke! ’

31Umyalo wesibili yilo: ‘Wothanda omunye ngothando ozithanda ngalo! ’ Awukho
omunye umyalo owedlula lena.”

32Isazimibhalo sase sithi kuJesu: “Ushaye emhloleni Mfundisi, uqinisile impela
lapho uthi uMvelinqangi uyedwa zwi, akakho omunye ngaphandle kwakhe.

33Ukumthanda ngenhliziyo yonke nangengqondo yonke nangamandla onke,
uthande omunye umuntu ngothando ozithanda ngalo, kungcono kakhulu
kunokunikela ngeminikelo eshiswayo nangemihlatshelo.”

34UJesu wabona ukuthi isazimibhalo siphendule kahle impela, wayesethi kuso:
“Akusekude ukuba ungene embusweni kaNkulunkulu.” Emuva kwalokho akukho
muntu owabuye walokotha wabuza utho kuJesu.

Umbuzo ngeNdodana kaDavide
(Mat 22:41-46; Luk 20:41-44)

35Kuthe uJesu efundisa ethempelini wabuza wathi: “Izazimibhalo zingasho kanjani
ukuthi uMesiya uyiNdodana kaDavide na?

36Ingani uDavide uqobo lwakhe waholwa nguMoya oyiNgcwele ukuba akhulume
athi: “ ‘USimakade washo eNkosini yami wathi: Hlala ngakwesokunene sami ngize
nginqobe izitha zakho zithele kuwe! ’

37“Kwayena uDavide inkosi umbiza ngeNkosi yakhe. Pho useyiNdodana yakhe
kanjani manje? ”

UJesu usola izazimibhalo
(Mat 23:1-36; Luk 20:45-47)

Izixuku zonke zamuzwa uJesu zamjabulela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

38Ubefundisa athi: “Xwayani izazimibhalo! Zithanda ukuhamba zembethe izevatho
ezinde, zikhulekelwe embuthanweni.

39Ziqoka izihlalo eziphambili ezindlini zokusonta, zifuna ukuhlonishwa zihlaliswe
nezikhulu emikhosini.

40Zikhuleka undendende zibukisa, kanti zilutha abafelokazi zisizakale ngabo
zibephuce amafa abo. Ziyojeziswa ngokwedlulele ngecala lazo.”

Umnikelo womfelokazi
(Luk 21:1-4)

41UJesu wayehlezi ethempelini maqondana nesitsha somnikelo, ebuka abantu
benikela. Izicebi eziningi zafike zanikela kakhulu.

42Nomfelokazi oyimpofana wafike wanikela ngezinhlamvana ezimbili zemali
ezingangentengo yesenti kuphela.

43UJesu wabiza abafundi bakhe basondela, wathi kubo: “Niyabona! Impela
lempofana yomfelokazi inikele kakhulu kunabo bonke.

44Ngoba bonke laba bathathe kokuningi abanakho banikela kwasala, kodwa
lomfelokazi, kulobubuphofu ayibo, udele konke anakho wanikela ngabezophila
ngakho.”

UMarko 13

UJesu ubikezela ngokudilizwa kwethempeli
(Mat 24:1-2; Luk 21:5-6)

1Waphuma ethempelini, omunye kubafundi bakhe wafike wathi kuye: “Mfundisi,
awubheke lamatshe nalezizakhiwo! Zaze zazinhle! ”

2UJesu waphendula wathi: “Uyazibona lezizindlu ezinkulukazi na? Akukho litshe
eliyosala liqhwakele phezu kwelinye elingayikudilizelwa phansi.”

Ukufika kokuhlupheka nosizi
(Mat 24:3-14; Luk 21:7-19)

3Wayehlezi eNtabeni yemiHlwathi ngaphesheya kwesihosha ebhekene
nethempeli. OPhetro noJakobe noJohane noAndreya bafike bambuza bathi:

4“Awusitshele, kuyokwenzeka nini lokhu okushilo na? Sibonakaliso sini
esiyokhomba isikhathi sokufezeka kwakho konke lokhu na? ”

5UJesu wathi kubo: “Qaphelani ningedukiswa muntu!

6Kuyovela abaningi abayoshaya sengathi bayimi, bathi: ‘Nginguye uMesiya,’
badukise abaningi.

7Ningabi natwetwe lapho nizwa kuthiwa impi isibambene eduze, nizwa nokuthi
kuyalwiwa emazweni asekudeni; kumele kwenzeke lokhu, kodwa-ke umhla
wokuphela uyobe ungakafiki.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Ngoba izizwe ziyovukelana, nemibuso iphendukelane, kuzamazame umhlaba izindawo ngezindawo, kubhoke nendlala. Lezizinsizi ziseyizalinga nje ezandulelayo, njengemihelo yowesifazane kanduba abelethe.

9“Nina-ke hlalani niqaphele! Bayonimisa ezigcawini zamacala, banidinde emasinagogeni. Niyokuma phambi kwababusi namakhosi ngesizathu sokuthi ningabami, nifakaze ngami phambi kwabo.

10Ngoba kumele indaba emnandi kaNkulunkulu imenyezelwe ezizweni zonke kuqala.

11Lapho sebenibophile banimisa ezigcawini, ningazihluphi ngokuthi niyothini, nizikhathaze isikhathi singakafiki, kodwa khulumani lokho okunifikelayo ngalowomzuzu. Ngoba kuyobe kungasakhulumi nina, kuyobe sekukhuluma uMoya oyiNgcwele ngomlomo wenu.

12Umuntu uyonikela umfowabo ukuba abulawe, uyise anikele umntanakhe, abantwana bavukele abazali babo ukuba babulawe.

13Bayonizonda bonke ngoba ningabami. Kodwa lowo oqiniselayo kuze kube sekupheleni uyosindiswa.

Usizi oluhlasimulisayo
(Mat 24:15-28; Luk 21:20-24)

14“Niyobona umhlola oyisinengiso esinyantisayo umi endaweni lapho ungafanele ukuba khona.” (Ofunda lokhu akaqonde ukuthi kusho ukuthini!) “Ngalesosikhathi labo abakhe eJudiya mabaphephele ezintabeni.

15Oyobe ephezu kophahla lwendlu akangabe esabuyela endlini ukuthatha impahla yakhe.

16Oyobe esemasimini akangabuyeli ekhaya alande izingubo zakhe.

17Ngiyazisa ngabakhulelweyo nabancelisayo ngalezonsuku!

18Khulekani ukuba lunganehleli lolusizi kusebusika!

19Ngoba usizi lwalezonsuku luyokwedlulela kakhulu. Alukaze lubonwe olunjengalo kuze kube namhla lokhu, selokhu uMvelinqangi adala umhlaba, lungephinde futhi lubonwe nanini.

20Ukuba iNkosi ibingasinciphisanga isikhathi salolusizi, bekungayikusinda muntu, kodwa-ke isinciphisile ngenxa yalabo abayikhethelo layo.

21“Uma ngalesosikhathi nizwa umuntu ethi kini: ‘Ake nibheke nangu uMesiya! ’ noma athi: ‘Nanguya! ’ nize ningamkholwa lowo!

22Ngoba kuyovela abayothi banguMesiya bengesiye nabayothi bangabaphrofethi bengesibo, baveze izibonakaliso, bagile izimanga, uma kungenzeka bedukise abekhethelo likaNkulunkulu,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Qaphani-ke nina! Senginixwayisile ngakho konke kungakenzeki.

Ukuza kweNdodana yesintu
(Mat 24:29-31; Luk 21:25-28)

24“Ngalezonsuku emuva kwalolusizi “ ‘ilanga liyofiphala, inyanga ife ingabe isakhanya,

25izinkanyezi zitshuze ziqathake esibhakabhakeni, imikhosi yomkhathi wezulu izanyazanyiswe iphambuke emizileni yayo.’

26“Sebeyoyibona-ke iNdodana yesintu iza ngamafu, inamandla amakhulu nenkazimulo.

27Iyothumela izingilosi emagumbini omane omhlaba iqoqe abekhethelo layo nasemikhawulweni yomhlaba nezulu.

Isifundo esitholakala emkhiwaneni
(Mat 24:32-35; Luk 21:29-33)

28“Fundani isifundo kulokho okuyaye kwenzeke emkhiwaneni! Lapho amagatsha eseluhlaza emqumbe, kuhluma amaqabunga, niyaye nazi ukuthi selethwese.

29Ngokunjalo-ke nani uma nibona lokhu kwenzeka, niyokwazi ukuthi iNdodana yesintu isiseduze isemabaleni!

30Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, lesisizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke lokhu.

31Kuyodlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami awasoze adlula.

Alwaziwa usuku nesikhathi
(Mat 24:36-44)

32“Kepha akukho muntu owaziyo ukuthi lokhu kuyokwenzeka ngaluphi usuku nangasiphi isikhathi. Akwazi ngisho nazingilosi zasezulwini naNdodana yesintu imbala, kwazi uBaba kuphela.

33Qaphelani nilinde, ngoba kanazi ukuthi isikhathi siyofika nini.

34Kunjengomuntu ehambela ezweni elikude. Ushiya umuzi wakhe uphethwe yizisebenzi zakhe. Kuthi leso naleso asilawulele umsebenzi esizowenza, ayale umlindisango ukuba ahlale eqaphile.

35Hlalani nilindile, ngoba kanazi ukuthi umninimuzi uyofika nini. Ningeke nazi noma uyofika kusihlwa noma phakathi kwamabili noma ngokukhala kwezinkukhu noma ngokuphuma kwelanga.

36Akangazumisi anifice nilele!

37Lokhu engikusho kini ngikusho kubo bonke ngithi: Qaphelani! ”

UMarko 14

Izikhulu zihlose ukubulala uJesu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 26:1-5; Luk 22:1-2; Joh 11:45-53)

1Kwase kusele izinsuku ezimbili ukuba kushaye iPhasika kudliwe isinkwa
esingenamvubelo. Izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zaziqamekela uJesu
ukuba zimbophe ngobuqili zimbulale.

2Zazithi: “Ake simyeke ngomkhosi, hleze kusuke izibhelu phakathi kwabantu! ”

UJesu ugcotshwa ngamakha eBhethani

(Mat 26:6-13; Joh 12:1-8)

3UJesu wayeseBhethani emzini kaSimoni owayebizwa ngokuthi onochoko. Kwathi
esadla kwasondela kuye owesifazane ephethe isitsha setshe lealabhasta.
Sasinamakha awuketshezi okuthiwa yinardi, umfuma wakwanokusho obiza
kakhulu. Owesifazane waphohloza isitsha, wathela amakha ekhanda likaJesu.

4Kepha abathile bacasuka bavungama bodwa bathi: “Kudlalelwani ngamakha
kanje na?

5Abengathengiswa lawamakha, kuzuzwe imali eningi yeve ezinhlamvini zesiliva
ezingamakhulu amathathu kuphiwe abampofu.” Base bemthethisa.

6Kepha uJesu wathi kubo: “Myekeni, nimkhathazelani? Ungenzele lukhulu.

7Izimpofana nihlala ninazo njalo. Uma nithanda ukubenzela okuhle, ningakwenza
noma nini. Kepha mina angihlezi nani njalo.

8Wenze lokho okungangamandla akhe: walungiselela umzimba wami ukumbelwa
kwawo, wawugcoba ngingakafi.

9Ngiyaqinisa impela ngithi, nomaphi lapho indaba emnandi kaNkulunkulu
iyoshunyayelwa khona emhlabeni wonke, kuyokhulunywa nangalokhu
akwenzileyo, abantu bamkhumbule.”

UJudasi wethembisa ukuthengisa ngoJesu

(Mat 26:14-16; Luk 22:3-6)

10UJudasi Iskariyothe, omunye wabayishumi nambili, wasuka waya ezikhulwini
zabaphristi ehlose ukuthengisa ngoJesu kuzo.

11Zezwa, zajabula zafa zamethembisa imali. Wayesecuthela ithuba elingamlungela
ukuba amchilizele kuzo.

Badla iwundlu lePhasika

(Mat 26:17-25; Luk 22:7-14,21-23; Joh 13:21-30)

12Kwafika usuku lokuqala lomkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo, ilanga
okwakuhlatshwa ngalo iwundlu lePhasika. Abafundi babuza kuJesu bathi: “Ufuna
ukuba siyephi sikulungisele udle iwundlu lePhasika na? ”

13Wathuma abafundi ababili wathi kubo: “Hambani niye emzini! Niyohlangana
nendoda ithwele imbiza yamanzi. Yilandeleni,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14bese kuthi lapho ingena khona, nifike nibuze kumninindlu nithi: ‘UMfundisi uthe asimbuzele ukuthi, iphi indlu angadlela kuyo iwundlu lePhasika nabafundi bakhe na? ’

15Useyonikhombisa indlu enkulu phezulu esihleliwe kwaphelela konke, bese nisilungisela kuyo.”

16Abafundi basuka-ke bangena eJerusalema, bafica kunjengoba ebeshilo uJesu; base belungisela iwundlu lePhasika.

17Kwahlwa waya khona nabayishumi nambili.

18Kuthe besadla uJesu wathi: “Lalelani lapha nginitshele! Phakathi kwenu kukhona odla kanye nami ozothengisa ngami ezitheni.”

19Badangala bambuza ngamunye bathi: “Ngabe yimi na? ”

20UJesu wathi kubo: “Ungomunye wabayishumi nambili, yena kanye ogcobhoza isinkwa sitsheni sinye nami.

21INdodana yesintu izokwemuka ukwemuka impela njengoba kushiwo ngayo embhalweni ongcwele, kepha maye kulomuntu ozothengisa ngeNdodana yesintu! Kwakuyomlungela lomuntu ukuba wayengazalwanga! ”

Ukumiswa kwesidlo seNkosi

(Mat 26:26-30; Luk 22:15-20; 1 Khor 11:23-25)

22Kuthe besadla uJesu wathatha isinkwa, wabonga kuNkulunkulu, wasihlephula wabanika sona wathi: “Minani, lokhu kungumzimba wami.”

23Wabuye wathatha indebe yewayini, wabonga kuNkulunkulu wabanika. Bayiphuza bonke.

24Wathi kubo: “Lokhu kuyigazi lami elichithelwa abaningi, eliqinisa isivumelwano sikaNkulunkulu.

25Ngiyanitshela ngithi, angisayuphinde nempela ngikuphuze okwesithelo somvini kuze kube ngamhla sengiyophuza iwayini elisha embusweni kaNkulunkulu.”

26Bahuba elokubonga, bemuka baya eNtabeni yemiHlwathi.

UJesu ubikezela ukuphika kukaPhetro

(Mat 26:31-35; Luk 22:31-34; Joh 13:36-38)

27UJesu wathi kubo: “Niyongihlamuka nonke, njengoba uNkulunkulu esho embhalweni ongcwele ethi: “ ‘Ngiyogadla kumalusi afe, izimvu zihlakazeke.’

28“Kodwa lapho sengivukile kwabafileyo ngiyonandulela ngiye eGalile.”

29UPhetro wathi: “Ngeke ngikuhlamuke mina ngisho noma sebekuhlamuka bonke.”

30UJesu wathi kuye: “Lalela lapha ngikutshele! Kubo lobubusuku banamuhla, iqhude lingakakhali nakabili, uyobe usungiphike kathathu wena.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31UPhetro waphikelela wathi: “Ngeke ngikuphike ngisho sengibulawa kanye nawe.” Basho njalo bonke abafundi.

UJesu ukhuleka eGetsemane
(Mat 26:36-46; Luk 22:39-46)

32Bafika endaweni ethiwa yiGetsemane, wathi kubafundi: “Hlalani lapha, ngisayokhuleka.”

33Wathatha uPhetro noJakobe noJohane waqhela nabo. Wafikelwa usizi, wakhathazeka kabi emoyeni.

34Wayesethi kubo: “Umoya wami ulusizi kabi, ngiyafa ubuhlungu. Hlalani lapha nilinde! ”

35Waqhubeka ibangana, wazilahla phansi wanxusa ukuba kudede kuye lomzuzu wokuhlupheka uma kungenzeka.

36Wathi: “*Abba*, Baba, ungakwenza konke wena. Yisuse kimi lendebe yobunzima! Nokho akungayi ngokuthanda kwami, kodwa akuye ngentando yakho! ”

37Wabuyela kubo wabafica bezumekile. Wathi kuPhetro: “We Simoni, kanti ulele? Kodwa ubungelinde ngisho nomzuzwana ube munye nje?

38Lindani nikhuleke ingaze nehlelwe ukulingwa! Umoya womuntu uyavuma, kepha imvelo yakhe ibuthakathaka.”

39Wahamba futhi wafike wakhuleka, waphinda wona lawomazwi.

40Wabuye wabuyela kubo, wabafica belele, ngoba izinkophe zabo zazisindwa ubuthongo. Behluleka ukuthi bangathini kuye.

41Kuthe uJesu esebuya okwesithathu emkhulekweni, wathi kubo: “Kanti nisalele niphumule namanje! Kwanele! Sekuyiso isikhathi. Nakho-ke, iNdodana yesintu isichilizelwa ezandleni zezoni.

42Sukumani sihambe! Lowo othengisa ngami nangu eza.”

Ukukhashelwa nokuboshwa kukaJesu
(Mat 26:47-56; Luk 22:47-53; Joh 18:3-12)

43Kuthe engakaligwinyi kwatheleka uJudasi, omunye wabayishumi nambili. Wayehamba nesixuku sabantu behlome ngezinkemba namawisa, bethunywe yizikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo nezigele.

44Umkhapheli lona wayekade evumelene nabo ngesibonakaliso abayombona ngaso uJesu, wathi: “Lowo engiyombingelela ngimange, kuyobe kunguye kanye enimfunayo. Anombopha nimqhube ningamdedeli! ”

45Kwathi angafika uJudasi wasondela masinyane kuJesu wathi: “E Rabi! ” Esho embingelela emanga.

46Base bemdumela uJesu bembopha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

47Kodwa omunye kulabo ababemi lapho wagqashula inkemba yakhe, wagadla esisebenzini somphristi omkhulu wasihhebhula indlebe.

48UJesu wababuza wathi: “Uma benibabele ukungibamba bese ningaze niphume nihlome ngezinkemba namawisa sengathi ngingumphangi na?

49Benginani ethempelini ngifundisa mihla kepha nangangibopha. Kodwa bekumele kufezeke lokho okwabikezelwa emibhalweni engcwele.”

50Base bemhlamuka bonke babaleka.

51Ibhungu elithile lalandela uJesu lizembathele indwangu yelineni kuphela. Balibamba,

52kodwa ladlubulundela, indwangu yalo yasala kubo, lashaya lachitha linqunu.

UJesu uphambi komkhandlu

(Mat 26:57-68; Luk 22:54-55,63-71; Joh 18:13-14,19-24)

53UJesu bamqhuba bamusa kwamphristi omkhulu, kwase kuhlangana zonke izikhulu zabaphristi kanye nezigele nezazimibhalo.

54UPhetro walandela buqamama, waze wangena ngaphakathi emabaleni esigodlo kwamphristi omkhulu. Wahlala lapho, otha umlilo kanye nogqayinyanga.

55Zazama izikhulu zabaphristi nomkhandlu wonke ukwakha ubufakazi bokubeka uJesu icala ukuba abulawe, kodwa kabutholakalanga.

56Kwavela abaningi bemcindezela ngobufakazi bamanga, kodwa ubufakazi babo abuhlangananga.

57Kwaze kwasuka abathile bafakaza bemqambela amanga bathi:

58“Samuzwa thina ethi: ‘Lelithempeli elakhiwe ngezandla ngiyolidiliza, ezinsukwini ezintathu ngibuye ngakhe elinye elingakhiwe ngezandla zabantu.’ ”

59Kodwa ngisho nobufakazi balaba abuhlangananga.

60Umphristi omkhulu wasukuma phambi kwabo, wabuza kuJesu wathi: “Awuphenduli ngalutho lapho bekumangalela na? ”

61Kodwa uJesu wathula du, akaze aphendula. Umphristi omkhulu wabuye wambuza wathi: “Unguye uMesiya iNdodana yoBongekayo na? ”

62UJesu wathi: “Nginguye. Niyoyibona iNdodana yesintu ihlezi ngakwesokunene sikaSomandla, iza ngamafu ezulu.”

63Umphristi omkhulu waklebhula izembatho zakhe wathi: “Sisazobenzani ofakazi na?

64Nizizwele nina ehlambalaza uNkulunkulu. Nithini kulokhu? ” Bamlahla bonke ngecala uJesu banquma ukuba abulawe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

65Abanye bamfela ngamathe, bammboza amehlo, bamshaya ngenqindi bathi kuye:
“Bholofida sizwe, ushaywe ngubani? ” Nogqayinyanga imbala bammukula.

UJesu uphikwa nguPhetro

(Mat 26:69-75; Luk 22:56-62; Joh 18:15-18,25-27)

66UPhetro wayesemabaleni esigodlo, kwafika enye yamantombazana ayesebenza
kwamphristi omkhulu.

67Yabona uPhetro otha, yamuthi njo ngamehlo yathi: “Nawe kade uhamba
nalomNazaretha uJesu.”

68Kepha uPhetro waphika. Wathi: “Angiqondi ukuthi uthini. Angiyizwa nalento
oyishoyo.” Wayesephumela ngaphandle egcekeni.

69Lentombazane yambona yakhuluma futhi kulaba ababezimele lapho yathi: “Lo
ungomunye wabo.”

70Kepha wabuye waphika. Emuva kwesikhashana ababelapho bathi kuPhetro:
“Kuyiqiniso impela ukuthi ungomunye wabo, ngoba nawe ungowaseGalile.”

71Kodwa waqanganisa wafunga wagomela wathi: “Angimazi lomuntu enikhuluma
ngaye.”

72Washo njalo maqede kwakikiliga iqhude ngokwesibili. UPhetro
wayeseyakhumbula lapho uJesu ekhuluma ethi: “Iqhude lingakakhali kabili uyobe
usungiphike kathathu.” Waqhumuka wakhala.

UMarko 15

UJesu uphambi kukaPilatu

(Mat 27:1-2,11-14; Luk 23:1-5; Joh 18:28-38)

1Kwasa maqede kwahlangana wonke umkhandlu, izikhulu zabaphristi kanye
nezigele nezazimibhalo, zahlanganisa inkulumo. Bagiga uJesu ngezintambo,
bamqhuba bamnikela kuPilatu.

2UPilatu wambuza wathi: “Wena uyinkosi yamaJuda na? ” Wamphendula wathi:
“Nguwena okushoyo.”

3Izikhulu zabaphristi zase zimethwesa amacala amaningi.

4UPilatu waphinde wambuza wathi: “Awuziphenduleli na? Uyawezwa nje
lamacala angaka abakwethwesa wona.”

5Kepha akabange esamphendula. Lokhu kwammangalisa kabi uPilatu.

UJesu ugwetshwa ukuba abulawe

(Mat 27:15-26; Luk 23:13-25; Joh 18:39 — 19:16)

6Kwakuyaye kuthi minyaka yonke ngomkhosi wePhasika uPilatu akhululele
abantu isiboshwa sibe sinye, leso abasicelayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Kwakukhona isiboshwa esigama laso linguBharabha, siboshwe kanye nabashokobezi ngecala lokususa izibhelu nokubulala.

8Izihlwele zakhuphukela kwaPilatu, zamnxusa ukuba aphinde abazwele njengenhlayenza.

9Wababuza wathi: “Nifuna ukuba nginikhululele inkosi yamaJuda na? ”

10Phela wayazi ukuthi izikhulu zabaphristi zimnikele kuye ngoba zimfela umona uJesu.

11Kepha izikhulu zabaphristi zashishizela isixuku ukuba sithi uPilatu akasikhululele uBharabha kunoJesu.

12UPilatu waphinda waliphonsa kubantu wathi: “Pho bese ngimenze njani lona enithi uyinkosi yamaJuda na? ”

13Impendulo yabo kwaba ukuba bahlokome bathi: “Mbethele esiphambanweni! ”

14UPilatu wathi kubo: “Ngoba enze cala lini na? ” Kepha kwaba yima beqonga kakhulu bethi: “Mbethele! ”

15UPilatu wabakhululela uBharabha enzela ukujabulisa abantu. Wakhipha izwi lokuba uJesu abhaxabulwe, anikelwe emabuthweni ambethele esiphambanweni.

Amabutho abhinqa uJesu

(Mat 27:27-31; Joh 19:2-3)

16Amabutho angenisa uJesu ngaphakathi emabaleni esigodlo, afike amema lonke ibutho.

17Amembathisa isevatho esibubende, aphica umqhele wamahlamvu anameva amnqwazisa wona.

18Ayesembhinqa ethi: “Bayede, ume njalo nkosi yamaJuda! ”

19Ayelokhu emqwala ekhanda ngenduku emfela ngamathe, emguqela emkhothamela.

20Kuthe lapho esezidelisile ngokumenza inhlekisa, amhlubula isevatho esibubende amembathisa izingubo zakhe, ahamba naye eseyombethela esiphambanweni.

UJesu ubethelwa esiphambanweni

(Mat 27:32-44; Luk 23:26-43; Joh 19:17-27)

21Kwadlula umuntu othile ngendlela, evela enkangala. WayenguSimoni waseSayirene, uyise kaAleksanda noRufasi. Amabutho amphoqa ukuba etshathe isiphambano sikaJesu.

22Amqhuba uJesu amusa endaweni ethiwa yiGolgotha, okusho ukuthi kusoGebhezini lweKhanda.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Wanikezwa lapho iwayini, lixutshwe nenhlaka ebabayo yokuqeda izinhlungu ethiwa yimure, kepha wala ukuliphuza.

24Amabutho ambethela esiphambanweni, ehlukaniselana ngezingubo zakhe, enza inkatho yokuthi yilowo nalowo uzotholani.

25UJesu wabethelwa ekuseni ngehora lesishiyagalolunye.

26Isaziso secala lakhe sasilotshwe kwathiwa: “Inkosi yamaJuda.”

27Kwabethelwa abaphangi ababili eziphambanweni kanye naye, omunye engakwesokunene, omunye engakwesokhohlo.

28Wafezeka kanjalo umbhalo ongcwele othi: “Wabalwa kanye nezelelesi.”

29Ababedlula ngendlela babemnqekuzela amakhanda bemhlambalaza bethi: “Ashila! Ingani phela wena ubuzodiliza ithempeli ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu!

30Zisindise phela wehle esiphambanweni! ”

31Zasho njalo nezikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo, zitekulisana ngaye zithi: “Wasindisa abanye, kodwa akakwazi ukuzisindisa yena.

32Akehle phela esiphambanweni loMesiya wenu ingonyama yakwaIsrayeli sibone, bese sikholwa.” Nalabo imbala ababebethelwe kanye naye eziphambanweni babemkhaca.

Ukufa kukaJesu

(Mat 27:45-56; Luk 23:44-49; Joh 19:28-30)

33Kwahlwa eminibebade, izwe lonke lambozwa yisigayegaye sobumnyama obakhasa phansi kwaze kwantambama.

34Kuthe ntambama ngehora lesithathu uJesu wadazuluka wathi: *“Eloyi, Eloyi, lema sabakthani?”* lokhu kuhunyushwa ngokuthi: “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungilahleleni na? ”

35Abanye kulabo ababemi lapho bemuzwa bathi: “Niyamuzwa! Umemeza uElija.”

36Omunye wabo waphuthuma wacwilisa isiponji sathi ciki iwayini elimuncu. Wasichoma othini wamsondezela sona ukuba asimunce, ekhuluma belu ethi: “Ake sibone phela ingabe uElija uzofika amethule yini esiphambanweni! ”

37UJesu wayeselayela wamemeza ngezwi elikhulu wafa.

38Indwangu ehenqa ngaphakathi ethempelini yadabuka kabili, kusukela phezulu kwaze kwayoshaya phansi.

39Induna yamabutho eyayimi ibhekene naye yambona efa kanje, yayisithi: “Impela lomuntu ubeyiNdodana kaNkulunkulu! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40Kwakukhona nabesifazane ababebukela bemele kude. Phakathi kwabo kwakukhona uMariya waseMagdala noMariya unina kaJakobe, lowo owayengomncane, ongunina kaJosesi futhi, noSalome.

41Laba-ke babekade behamba noJesu bemsebenzela eseseGalile. Kwakukhona nabanye besifazane abaningi ababenyukele eJerusalema kanye naye.

Ukulondolozwa kwesidumbu sikaJesu egodini

(Mat 27:57-61; Luk 23:50-56; Joh 19:38-42)

42Kwase kuyahwalala. KwakungoLwesihlanu, usuku lokulungisela olusuke lwandulela isabatha,

43okuyikhona okwasusa phansi uJosefa waseArimathiya. Wabe eyisigele esihloniphekayo, naye uqobo engumuntu owayebheke ukufika kombuso kaNkulunkulu. Waqunga isibindi waqonda kuPilatu, wacela isidumbu sikaJesu.

44Kwammangalisa uPilatu ukuthi kanti usefile, wayesebiza induna yamabutho wayibuza ukuthi sesiside yini isikhathi uJesu efile.

45Kuthe angakuzwa lokhu ngenduna yamabutho, wadedela isidumbu sanikezwa uJosefa,

46owasuka lapho wathenga indwangu yelineni. Kuthe esesethulile isidumbu, wasithandela ngayo wasilondoloza egodini elalingumhume ogunjwe etsheni. Wayesegingqa inguzunga yetshe avala ngayo umnyango wethuna.

47UMariya waseMagdala kanye noMariya unina kaJosesi baqaphelisisa ukuthi uJesu ubekwaphi.

UMarko 16

Ukuvuka kukaJesu ekufeni

(Mat 28:1-8; Luk 24:1-12; Joh 20:1-10)

1Kwadlula usuku lwesabatha, oMariya waseMagdala noSalome noMariya unina kaJakobe bathenga amakha okuba bayogcoba isidumbu sikaJesu.

2Basuka baya ethuneni kuseluvivi ngeSonto, usuku olulandela isabatha. Ithe iphuma inhlamvu yelanga base bengakhona.

3Babehamba bebuzana bethi: “Kudela owazi ukuthi ngubani oyosigingqela itshe lisuke emnyango wethuna? ”

4Kuthe uma bebheka kanti litshendini usugudluziwe! Phela kwakuyinguzunga yetshe.

5Sebeyangena-ke ethuneni, bakhangwe yibhungu lihlezi ngakwesokudla, lembethe ezimhlophe ezinde; bashaywe uvalo.

6Kodwa lathi kubo: “Ningethuki! Anifuni yena nje uJesu waseNazaretha obebethelwe! Uvukile ekufeni, kekho lapha. Ake nibuke nansi nendawo ebebembeke kuyona!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Hambani-ke nibikele abafundi bakhe kanye noPhetro, nithi: ‘UJesu uyanandulela uya eGalile. Kulapho niyomfica khona nimbone njengoba asho kini.’ ”

8Abesifazane baphuma babaleka ethuneni bethuthumela bekhungathekile. Kabayitshelanga muntu lento, ngoba babesaba.

Isiphetho sakudala sendaba emnandi elotshwe nguMarko: UJesu uzibonakalisa kuMariya waseMagdala

(Mat 28:9-10; Joh 20:11-18)

[9Kuthe uJesu esevukile ekufeni kuseluvivi ngeSonto, usuku olulandela isabatha, waqala wazibonakalisa kuMariya waseMagdala, lowo ayekade emkhiphe amadimoni ayisikhombisa.

10UMariya wahamba waxoxela labo ababekade behamba noJesu. Babesadabukile bedinda isililo.

11Kwathi lapho bezwa ukuthi uJesu uyaphila nokuthi uMariya umbonile, kabaze bakholwa.

UJesu uzibonakalisa kubafundi ababili

(Luk 24:13-35)

12Wabuye wazibonakalisa esengesinye isimo, wabonwa ngabafundi ababili ababelibhekise emaphandleni.

13Nalabo-ke babuyela emuva baxoxela abanye abafundi, kodwa phinde ukuba babakholwe.

UJesu uthuma abaphostoli abayishumi nanye

(Mat 28:16-20; Luk 24:36-49; Joh 20:19-23; ImiSeb 1:6-8)

14Kamuva wazibonakalisa nakwabayishumi nanye ebafica bedla. Wabasola ngoba basuke bangabaza, benqaba ukukholwa labo abase bembone ngamehlo esevukile ekufeni.

15Abesethi-ke kubo: “Phumani nihambele kuwo wonke umhlaba, nimemezele kuso sonke isintu indaba kaNkulunkulu ejabulisayo.

16Lowo oyokholwa abhabhadiswe uyosindiswa, kepha ongakholwayo uyolahlwa.

17Abakholwayo bayophawuleka ngalezizibonakaliso: bayokhipha amadimoni kubantu ngegama lami, bakhulume izilimi abangazaziyo,

18baphathe izinyoka ngezandla. Uma bephuza ubuthi obubulalayo kabayikuvelelwa lutho olubi. Bayobeka izandla kwabagulayo basinde.”

UJesu wenyukela ezulwini

(Luk 24:50-53; ImiSeb 1:9-11)

19Kuthe lapho iNkosi uJesu isikhulume kubafundi yaqeda, yase yenyuselwa ezulwini yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Abafundi bahamba-ke bashumayela yonke indawo. INkosi yayisebenzelana nabo, iveza izibonakaliso ezaziqinisa izwi ababelishumayela.]

Esinye isiphetho sakudala:

[9 Kodwa abesifazane baya koPhetro nababenaye, bababikela kafushane ngakho konke abakutsheliweyo. 10 Emuva kwalokho uJesu mathupha wathumela abafundi ukuba bashumayele indaba emnandi yesindiso yaphakade, lendaba engcwele eyohlala ikhona njalo, bayimemezele yonke indawo kusukela empumalanga kuze kube sentshonalanga.]

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ULuka

ULuka 1

Ukwethulwa kwalencwadi kuTofilasi

1Baningi asebeke bazama ukuqoqela ndawonye balobe umlando wezigigaba
ezehlakala phakathi kwethu.

2Bakuloba lokho njengoba nathi sakwemukela kulabo abazibonela ngamehlo
kwasekuqaleni, beyizikhonzi ezimemezela indaba emnandi kaNkulunkulu.

3Ngizijubile-ke nami, emuva kokucwaninga konke ngokucophelela okukhulu
ukusuka nokuhlala kwakho, ukuba ngikulobele ngikulandise ngalezizehlakalo
ngononina, Tofilasi ohloniphekayo,

4ukuba ulazi iqiniso elikhona laleyomfundiso ozwileyo ngayo.

Kubikezelwa ukuzalwa kukaJohane umbhabhadisi

5Ngemihla kaHerodi inkosi eyayibusa elakwaJuda kwakukhona umphristi
owayebizwa ngelikaZakariya. Wayengowomunxa wezikhonzi zesigaba sika-
Abhiya. Umkakhe wayengowendlu ka-Aroni; igama lakhe enguElizabethe.

6Babehamba ngokulunga bobabili phambi kukaNkulunkulu, bemsulwa begcina
yonke imiyalo nezimiso zeNkosi uSomandla.

7Babengenabantwana, njengoba uElizabethe wayeyinyumba, kanti-ke futhi
bobabili base bekhulile.

8Kwenzeka-ke uZakariya waphatha inkonzo yobuphristi endlini kaNkulunkulu,
ngoba kwase kufike ithuba lokuba kusebenze isigaba somunxa wezikhonzi
ayekuwo.

9Ngokwesiko labaphristi, babenza inkatho yokuthi ngubani ozongena ethempelini
leNkosi ashise impepho, inkatho yadla uZakariya.

10Uquqaba lonke lwabantu lwalulindele ngaphandle kwethempeli lukhuleka
ngenkathi kushiswa impepho.

11Kwamemfuka ingilosi yeNkosi, wayibona imi ngakwesokunene selathi lokushisa
impepho.

12Wathi angayibona uZakariya washaywa uvalo lwameqa.

13Kepha ingilosi yathi kuye: “Yima isibindi Zakariya, ungesabi! UNkulunkulu
uwuzwile umkhuleko wakho. Umkakho uElizabethe uyokuzalela indodana
oyoyiqamba uthi nguJohane.

14Uyothokoza wesase ngayo, abaningi bajabule ngokuzalwa kwayo,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15ngoba iyoba yisilomo phambi kweNkosi uSomandla. Ayiyikuphuza lutho oluvutshelweyo noludakisayo. UMoya oyiNgcwele uyoyingena ugcwale kuyo isesesiswini sikanina.

16Iyophendula abaningi besizwe sakwaIsrayeli babuyele eNkosini uNkulunkulu wabo.

17Iyoba yisigijimi esandulela uNkulunkulu, ibe nomoya namandla njengomphrofethi uElija. Iyokwenza oyise babuyisane nabantwana, abantu abangalaleli baphenduke babe nenhliziyo eqotho, yenze nabantu beNkosi balungele ukufika kwayo.”

18UZakariya wayibuza ingilosi wathi: “Ngiyobona ngani ukuthi kuyoba njalo na? Ingani mina sengiyixhegu nomkami naye usegugile.”

19Ingilosi yamphendula yathi: “Mina nginguGabriyeli, inceku emi njalo phambi kukaMvelinqangi. Ungithumile ukuba ngikhulume kuwe ngikubikele lezizindaba ezimnandi.

20Lalela-ke, uyoba yisimungulu, ungakhulumi kuze kufike usuku lokufezeka kwalamagama. Ngoba awuwakholwanga amazwi ami ayogcwaliseka sekufike isikhathi.”

21Uquqaba lwabantu lwalulokhu lumlindele uZakariya, lumangele ukuthi kazi ulitshaziswe yini ethempelini.

22Kuthe esephuma wehluleka ukukhuluma nabo. Kwase kubakhanyela ukuthi ubone umbono ethempelini. Wayelokhu ekhuluma ngezandla nje, waba yisimungulu.

23Kwathi kungaphela izinsuku zakhe zokukhonza ethempelini wabuyela ekhaya.

24Emuva kwalesosikhathi uElizabethe umkakhe wakhulelwa, wagonqa ekhaya izinyanga eziyisihlanu engabonwa langa,

25ethi: “Ngcingci, iNkosi yaze yangisiza yakuqeda ukwedeleleka kwami phakathi kwabantu! ”

Kubikezelwa ngokuzalwa kukaJesu

26Kuthe sekuyinyanga yesithupha ekhulelwe uElizabethe, uMvelinqangi wathumela ingilosi uGabriyeli emzini othile kwelaseGalile okuthiwa yiNazaretha.

27Yaya entombini, ingoduso kaJosefa, indoda eyayingeyozalo lwenkosi uDavide. Igama lentombi kwakunguMariya.

28Ingilosi yafike yambingelela yamthopha yathi: “E! wena obusisiweyo, iNkosi inawe.”

29Wethuka lapha ezwa lawo, wazibuza ukuthi kazi kubingelela kuni lokhu na.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Ingilosi yayisithi kuye: “Mariya, yima isibindi ungesabi! UNkulunkulu ukujabulele.

31Lalela! Uzokhulelwa uzale umfana umethe igama uthi nguJesu.

32Udumo lwakhe luyoba lukhulu, abizwe ngokuthi uyiNdodana yoPhezukonke. INkosi uNkulunkulu iyombeka abe yinkosi abuse esihlalweni sobukhosi bukaDavide uyise.

33Uyobusa isizwe sakwaJakobe ungunaphakade, umbuso wakhe ume njalo.”

34UMariya wayesethi engilosini: “Lokhu kungenzeka kanjani kimi njengoba ngingayazi indoda na? ”

35Ingilosi yamphendula yathi: “UMoya oyiNgcwele uzokwehlela kuwe, oPhezukonke akusibekele ngamandla akhe. Ngakhoke lomntwana oyozalwa kuyothiwa uyingcwele, uyiNdodana kaNkulunkulu.

36Awubheke nje uElizabethe isihlobo sakho, naye eseguge kangaka ukhulelwe umfana. Sekuyinyanga yesithupha le ekhulelwe, lowo obaziwa ngokuthi uyinyumba.

37Phela uNkulunkulu akahlulwa lutho.”

38Wayesezethula uMariya ethi: “Ngiyincekukazi yeNkosi! Akwenzeke kimi lokho okushoyo! ” Ingilosi yamshiya yemuka.

UMariya uvakashela uElizabethe

39Akalibalanga uMariya, wazilungisela wahamba ngokuphangisa waya kwelezintaba esigodini esithile kwelaseJudiya.

40Wangenisa kwaZakariya; wafike wabingelela uElizabethe.

41UElizabethe wanele ukuzwa uMariya embingelela, kwadlala ingane esiswini. Kwase kungena uMoya oyiNgcwele wagcwala kuye,

42UElizabethe wamemeza wathi: “Ubusisiwe kunabo bonke abesifazane, ibusisiwe nengane oyikhulelweyo!

43Kodwa bekutheni nje nempela, ngavakashelwa unina weNkosi yami?

44Kuthe lapho siqala ukuzwakala isibingelelo sakho kimina, kwajabula ingane yadlala, yaxhumaxhuma esiswini sami.

45Ubusisiwe wena owakholwayo ukuthi kuyofezeka konke lokhu okwashiwo yiNkosi kuwena.”

Ukubongela kukaMariya

46Wayesethi uMariya: “Inhliziyo yami iyaphuphuma ibongela ubukhulu beNkosi,

47umoya wami wethaba kakhulu ngoNkulunkulu uMsindisi wami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

48Uyinakile incekukazi yakhe ingelutho; kusukela manje izizukulwane zonke
ziyongibongela zithi ngibusisiwe,

49ngoba uSomandla ungenzele lukhulu, ngempela igama lakhe lingcwele.

50Ubenzela isihawu abamesabayo ezizukulwaneni zilandelane.

51Ukhombise amandla engalo yakhe, wabachitha abanhliziyo zizigabisayo.

52Uwise ababusi esihlalweni sobukhosi, wenyusa abantukazana baphakama.

53Abalambileyo wabenelisa ngezicolo, abacebileyo wabamukisa bevathazela.

54Umhlengile uIsrayeli inceku yakhe, wakhumbula

55isethembiso sakhe ayekade esenza kokhokho sokuthi uyohawukela
uAbhrahama nabazukulu bakhe ungunaphakade."

56UMariya wahlala kwaElizabethe okungaba yizinyanga ezintathu wayesebuyela
ekhaya.

Ukuzalwa kukaJohane umbhabhadisi

57Kwase kufika isikhathi sokuba uElizabethe abelethe; wazala indodana.

58Omakhelwane bakhe nezihlobo zakhe bezwa ukuthi iNkosi imenzele isihawu
esingaka, bathokoza naye.

59Bafika ngosuku lwesiphohlongo mhla umntwana esokwa; bethi bazomqamba
ngelikayise bathi unguZakariya,

60kodwa unina wabaphikisa wathi: "Qha, akunjalo! Uzoqanjwa athiwe nguJohane."

61Bathi kuye: "Akakho noyedwa kwabakini obizwa ngaleligama."

62Base bekhuluma ngezandla bebuza kuyise ukuthi umntwana uzokwethiwa
ngaliphi igama na.

63Wacela uqwembe waloba kulo wathi: "NguJohane igama lakhe." Bamangala
bonke.

64Kwabe sekuvuleka umlomo wakhe khona lapho, kwathombuluka nolimi lwakhe,
wakhuluma wabonga uMvelinqangi.

65Omakhelwane bafikelwa uvalo bonke. Zonke lezizigigaba zaba sematheni kulo
lonke elezintaba zaseJudiya.

66Labo abakuzwayo lokhu bazindla ngakho bonke bathi: "Kazi uyoba yini
lomntwana? " Nebala, iNkosi yamsingatha ngesandla sayo.

Ukubongela nokubikezela kukaZakariya

67UMoya oyiNgcwele wangena wagcwala kuZakariya, uyise womntwana,
waphrofetha wathi:

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

68“Ayibongwe iNkosi uNkulunkulu kaIsrayeli ngoba ihambele abantu bayo yabahlenga.

69Yasiphakamisela owuphondo lwensindiso, ongowozalo lukaDavide inceku yayo.

70Yakwazisa lokhu kwasendulo ngomlomo wabaphrofethi bayo abangcwele.

71Yethembisa ukusisindisa ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo,

72ukuba ibenzele isihawu okhokho ikhumbule isivumelwano sayo esingcwele,

73isifungo eyasifunga kukhokho uAbhrahama

74sokusikhulula ezandleni zezitha zethu isivumele siyikhonze singenaluvalo,

75singcwele singenacala phambi kwayo zonke izinsuku zokuphila kwethu.

76Wena-ke mntanami, kothiwa ungumphrofethi woPhezukonke, wandulele iNkosi uyicabele indlela,

77ukhanyisele abantu bayo ngensindiso lapho bethethelelwa izono zabo.

78UNkulunkulu wethu onesisa nobubele uyosithumela ukukhanya kwaphezulu okufana nokuphuma kwenhlamvu yelanga,

79kubakhanyisele abahlezi esigayegayeni sobumnyama obuyithunzi lokufa, ukuba sihambe ngendlela yokuthula.”

80Wakhula-ke umntwana waqina ngokomoya, wahlala ehlane kwaze kwaba usuku lokuba aziveze kwabakwaIsrayeli.

ULuka 2

Ukuzalwa kukaJesu

(Mat 1:18-25)

1UAgustu, ingonyama yombuso waseRoma, ngaleyomihla wakhipha isimemezelo sokuthi abezwe lonke alibusayo ababhalise amagama abo, babalwe.

2Lokhukubhalisa kokuqala kwenzeka ngenkathi uKhwiriniyu ebusa kwelaseSiriya.

3Bahamba-ke bonke bayobhalisa, yilowo nalowo waya esigodini sakubo.

4NoJosefa wesuka kwelaseGalile emzini waseNazaretha, waya kwelaseJudiya emzini womndeni wenkosi uDavide okuthiwa yiBhetlehema, ngoba phela wayengowozalo lukaDavide.

5Wayezobhalisa kanye noMariya ingoduso yakhe. UMariya wayesekhulelwe.

6Kuthe sebeseBhetlehema kwafika isikhathi sokuba abelethe.

7Wazibula ngendodana, wayisonga ngendwangu, wayilalisa emkhombeni odlela izinkomo, ngoba kwakungekho sikhundla endlini yezihambi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Abelusi nezingilosi

8Kulesosigodi kwakukhona abelusi bezimvu ababelinde umhlambi wabo
ekhaphelweni ngobusuku.

9Kwamemfuka ingilosi yeNkosi, yema phambi kwabo, inkazimulo yeNkosi
yabahaqa kwakhanya nxazonke. Bashaywa uvalo bathuthumela,

10kepha ingilosi yathi kubo: “Yimani isibindi ningethuki! Nginilethele nazi
izindaba ezimnandi ezizojabulisa abantu bonke bathokoze kakhulu.

11Namhlanje, kubo lobubusuku, umsindisi wenu uzelwe emzini kaDavide.
UnguMesiya iNkosi.

12Nasi isibonakaliso eniyombona ngaso: niyofica usana lusongwe ngendwangu
lulele emkhombeni wezinkomo.”

13Ngokuphazima kweso kwavela kanye nengilosi uquqaba lwamaviyo asezulwini,
ludumisa uNkulunkulu luthi:

14“Akudunyiswe uMvelinqangi kweliphezulu, ukuthula kuvame emhlabeni
kubantu athokoza ngabo! ”

15Kwathi zingemuka izingilosi sezibuyela ezulwini, abelusi babonisana bathi:
“Asinikele khona eBhetlehema sivozibonela lesisigameko esisitshelwe yiNkosi! ”

16Baphangisa baya khona, bafica uMariya noJosefa nosana lulele emkhombeni.

17Kuthe sebembonile umntwana base belanda ngalokho ababekutshelwe yingilosi
ngaye.

18Bonke abakuzwayo lokhu kwabamangalisa abakutshelwa ngabelusi.

19UMariya wazilonda zonke lezizinto, wazetshisa enhliziyweni yakhe.

20Abelusi baphindela emuva, bedumisa bebonga uNkulunkulu ngakho konke
abakuzwile nabakubonile kunjengoba bekutsheliwe.

Ukusokwa kukaJesu

21Kwaphela izinsuku eziyisiphohlongo umntwana wasokwa. Waqanjwa ngokuthi
nguJesu, igama alethiwa yingilosi unina engakakhulelwa.

UJesu usiwa ethempelini ukuba ethulwe kuSimakade

22Kwafika isikhathi sokuhlanjululwa kwabo ngokosiko lomthetho kaMose. Baya
nomntwana eJerusalema ukuba bamethule eNkosini uSomandla.

23Ngoba kulotshiwe emthethweni weNkosi ukuthi: “Yilelo nalelozibulo lesilisa
liyokwahlukaniselwa uSimakade.”

24Bayonikela nangomhlatshelo omiswe emthethweni weNkosi: ngamahobhe
amabili noma amaphuphu amabili ejuba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Kwakukhona umuntu eJerusalema ogama lakhe linguSimiyoni. Wayengumuntu olungileyo, esaba uNkulunkulu ebheke ukufika kwalowo ozoduduza isizwe sakwaIsrayeli. UMoya oyiNgcwele wawukuye;

26phela wawukwembulile kuye ukuthi akayukufa engakamboni umgcotshwa weNkosi.

27USimiyoni waya ethempelini eqhutshwa nguMoya oyiNgcwele. Umntwana uJesu walethwa ngabazali ethempelini ukuba bamenzele usiko olumiswe emthethweni.

28USimiyoni wamthatha wamgona, wabonga uNkulunkulu wathi:

29“Nkosi Somandla, sal' usuyivumela inceku yakho igoduke ngokuthula, ngoba ususifezile isethembiso sakho,

30amehlo ami ayibonile insindiso yakho

31owayihlela nce ziyibone izizwe zonke.

32Ingukukhanya okukhanyisela abezizwe, nenkazimulo kubantu bakho uIsrayeli.”

33Kwabamangalisa oyise nonina lokho okwashiwo ngengane yabo.

34USimiyoni wabacelela isibusiso, wayesethi kuMariya unina womntwana: “Uyabona lomntwana ukhethelwe ukuba abaningi bakwaIsrayeli bawe ngaye, kusindiswe abaningi futhi ngaye. Uyoba yisibonakaliso esiphikiswayo,

35kuvele obala imizindlo yabaningi. Yebo, usizi luyoyihlaba njengenkemba neyakho inhliziyo imbala.”

36Kwakukhona umphrofethikazi owayesekhulile impela. Igama lakhe lalinguHana, indodakazi kaPhenuweli yomndeni wakwa-Asheri. Wagana esemncane, washonelwa ngumyeni wakhe emuva kweminyaka eyisikhombisa eshadile.

37Wahlala-ke engumfelokazi, manje wayeseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane ubudala. Wayengasuki ethempelini, ekhonza uNkulunkulu imini nobusuku, ezila ukudla ekhuleka.

38Wasondela kubo khona lapho, wafike wadumisa uNkulunkulu. Wakhuluma njalo ngalomntwana kubo bonke ababelindele ukuba iJerusalema lihlengwe.

OJosefa babuyela eNazaretha

39Kuthe sebeqede konke okufanele kwenziwe ngokomthetho weNkosi, babuyela kwelaseGalile baya eNazaretha emzini wakubo.

40Umntwana wakhula waba namandla, wagcwala ubuhlakani; isibusiso sikaNkulunkulu sasiphezu kwakhe.

UJesu usethempelini esengumfana

41Bekuthi minyaka yonke abazali bakaJesu baye eJerusalema emkhosini wePhasika.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

42Kwathi lapho uJesu eseneminyaka eyishumi nambili ubudala, baya emkhosini njengokwejwayelekile.

43Zaphela izinsuku zomkhosi babuyela ekhaya, kodwa uJesu wasala eJerusalema, abazali bakhe bengazi.

44Babethi usemshungwini wabantu ababuyayo. Bahamba usuku olulodwa, base bemfuna phakathi kwezihlobo nabangane.

45Kabamtholanga, base bephindela eJerusalema beyomfuna khona.

46Bamthola ethempelini emuva kwezinsuku ezintathu. Wayehlezi engungwe ngabafundisayo, ebalalele abuye ababuze nemibuzo.

47Bonke ababemuzwa ekhuluma bamangala kakhulu ngokukhalipha kwezimpendulo zakhe.

48Abazali bakhe bamangala lapho bembona, unina wayesethi kuye: “Mntanami, uyenzelani lento kithi na? Awubheke, sikhathazeke kakhulu sihamba sikufuna noyihlo! ”

49Wabaphendula wathi: “Beningifunelani? Beningazi yini ukuthi kumele ngibe sendlini kaBaba na? ”

50Kepha akubachachelanga ukuthi uthini.

51Wabuyela nabo eNazaretha, wabahlonipha kukho konke. Unina wakulondoloza konke lokhu enhliziyweni yakhe.

52UJesu wakhula ngengqondo nangomzimba ejatshulelwa nguNkulunkulu nangabantu.

ULuka 3

Ukushumayela kukaJohane umbhabhadisi

(Mat 3:1-12; Mark 1:1-8; Joh 1:19-28)

1Kwakungunyaka weshumi nesihlanu wokubusa kukaThibheriyu ingonyama yaseRoma; uPhontu Pilatu engulusibalukhulu kwelaseJudiya, uHerodi ebusa elaseGalile, uFiliphu umfowabo ebusa isifunda saseIthureya naseTrakhonithi, uLisaniya ebusa elaseAbhilene.

2UHanase wayengumphristi omkhulu ekanye noKhayifase. Kwafika izwi likaNkulunkulu kuJohane umntakaZakariya esehlane.

3Walihamba lonke izwe eligudla umfula iJordani, eshumayeza abantu ethi: “Phendukani nibhabhadiswe, bese kuthethelelwa izono zenu.”

4Kulotshwe ngaye emqulwini oqukethe amazwi omphrofethi uIsaya kwathiwa: “Kukhona ozwakala enkenteza ehlane ethi: ‘Cabelani iNkosi indlela niqondise nemikhondo yayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Yonke imihosha iyogcwaliswa, zonke izintaba namagquma atubukale, izindlela ezimazombe zithwishike, imigoxigoxi itubeke ibe yithafa.

6Abantu bonke bayozibonela ngawabo ukuthi uNkulunkulu uyasindisa.’ ”

7Izindimbane zabantu zaya kuJohane ukuba azibhabhadise. Wathi kuzo: “Nzalo yezinyoka! Nixwayiswe ngubani lona onitshele ukuthi ningase nilubalekele ulaka lukaNkulunkulu oluzonehlela na?

8Vezani-ke izithelo zokulunga ezifakazela ukuphenduka kwenu, ningazidudi ezinhliziyweni zenu nithi: ‘Hhiya, singabozalo luka-Abhrahama thina! ’ Ngithi kini, uNkulunkulu angavusela uAbhrahama lawamatshe abe uzalo lwakhe.

9Izembe selibekiwe eziqwini zemithi. Yilowo nalowomuthi ongavezi izithelo ezinhle uyogawulwa uphoswe emlilweni.”

10Abantu bambuza bathi: “Pho, kufanele senze njani na? ”

11Waphendula wathi: “Lowo onezambatho ezimbili akabele ongenaso; onokudla akakucazelane nabanye! ”

12Nabathelisi beza kuye ukuba babhabhadiswe bathi: “Mfundisi , ngabe senze njani na? ”

13Wathi kubo: “Uma nithelisa, ningeqisi kulokho okusemthethweni! ”

14Namabutho ambuza athi: “Thina-ke senze njani na? ” Wawaphendula wathi: “Ningathathi lutho kumuntu ngobudlova noma ngokumxabhelela, kepha yaneliswani ngamaholo enu! ”

15Abantu babelindele ngethemba bezindla bonke bezibuza ukuthi, kazi uJohane lo unguMesiya na.

16Wayesebatshela bonke ethi: “Mina nginibhabhadisa ngamanzi; uyeza lowo onamandla kunami. Angifanele ngisho nokuthukulula imichilo yezicathulo zakhe. Uzonibhabhadisa ngoMoya oyiNgcwele nangomlilo.

17Unjengomuntu ophatha iqoma lakhe lokwela, azohlunga ngalo isivuno esibuyeni, aqoqele ukudla enqolobaneni yakhe, amakhoba awashise emlilweni ongacimiyo.”

18Wayala abantu nangokunye okuningi, wabashumayeza ngendaba kaNkulunkulu ejabulisayo.

19UJohane wakhuza ngisho nenkosi uHerodi emthethisela ukukipita noHerodiya umkamfowabo wenkosi. Wayisola nangazo zonke ezinye izenzo zayo ezimbi.

20Inkosi uHerodi yayisinezezela ezenzweni zayo ezimbi ngokuvalela uJohane ejele.

Ukubhabhadiswa kukaJesu

(Mat 3:13-17; Mark 1:9-11)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21UJohane wabhabhadisa bonke abantu, noJesu wafike wabhabhadiswa. Kuthe emi ekhuleka, kwavuleka izulu,

22uMoya oyiNgcwele wehlela kuye usajuba ngesimo somzimba. Kwezwakala izwi livela ezulwini lithi: “Wena uyiNdodana yami engiyithandayo. Ngiyathokoza ngawe.”

Uhla lokhokho bakaJesu
(Mat 1:1-17)

23Ngenkathi uJesu eqala umsebenzi wakhe wayeneminyaka elinganiselwa emashumini amathathu ubudala. Abantu babethi uyindodana kaJosefa kaEli

24kaMathathi kaLevi kaMelkhi kaJanayi kaJosefa

25kaMathathiya ka-Amosi kaNahume kaHesli kaNagayi

26kaMahathi kaMathathiya kaShimeyi kaJoseki kaJoda

27kaJohanani kaResa kaZerubhabheli kaSalathiyeli kaNeri

28kaMelkhi ka-Adi kaKhosamu kaElmadamu kaEri

29kaJoshwa kaEliyeza kaJorimu kaMathathi kaLevi

30kaSimiyoni kaJuda kaJosefa kaJonamu kaEliyakhimu

31kaMeleya kaMena kaMathatha kaNatana kaDavide

32kaJese kaObhedi kaBhowazi kaSalimoni kaNahashoni

33ka-Aminandaba ka-Admini ka-Arni kaHezroni kaPherezi kaJuda

34kaJakobe kaIsaka ka-Abhrahama kaThera kaNahori

35kaSerugi kaRegu kaPhelegi kaEbheru kaShela

36kaKhenani ka-Aphaksadi kaShemu kaNowa kaLameki

37kaMethusela kaEnokhi kaJaredi kaMahalaleli kaKhenani

38kaEnose kaSethi ka-Adamu kaNkulunkulu.

ULuka 4

Ukulingwa kukaJesu
(Mat 4:1-11; Mark 1:12-13)

1UJesu wabuya eJordani, egcwele uMoya oyiNgcwele. UMoya wamhola wamyisa ehlane,

2walingwa lapho nguSathane izinsuku ezingamashumi amane. Wayengadli lutho ngazo zonke lezonsuku, zadlula wayeselamba.

3USathane wathi kuye: “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, tshela lelitshe liguquke isinkwa! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4UJesu wamphendula wathi: “Kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: ‘Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa.’ ”

5USathane wamenyusela endaweni ephezulu, ngokuphazima kweso wamkhangisa ngayo yonke imibuso yomhlaba,

6wathi kuye: “Ngiyokupha lemibuso yonke kanye nobukhazikhazi bayo kube ngokwakho, ngoba ngiwanikiwe amandla okuphatha lokhu, ngikunika noma ngubani engithanda ukumnika khona.

7Ngakhoke uma ungikhothamela ukhuleka kimi kuyoba ngokwakho konke.”

8UJesu waphendula wathi: “Kulotshiwe kwathiwa: ‘Wokhuleka kuSimakade uNkulunkulu wakho, ukhonze yena yedwa! ’ ”

9USathane wamthatha wamletha eJerusalema, wafike wamkhweza wema esiqongweni sethempeli, wathi kuye: “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, gxuma lapha uziphose phansi,

10ngoba kulotshiwe kwathiwa: “ ‘UNkulunkulu uyothuma izingilosi zakhe ukuba zikuhlenge,’

11“nokuthi: “ ‘Ziyokusingatha zikuthwale ngezandla hleze unyawo lwakho luqhuzuke etsheni.’ ”

12UJesu wamphendula wathi: “Umbhalo ongcwele uthi: ‘Ungamqali uSimakade uNkulunkulu wakho! ’ ”

13Kuthe uSathane eseqede ukulinga uJesu ngalezizindlela ezahlukeneyo, wamshiya ukuba abuye ngesinye isithuba.

UJesu uqala umsebenzi wakhe eGalile

(Mat 4:12-17; Mark 1:14-15)

14UJesu waphindela kwelaseGalile enamandla oMoya oyiNgcwele, wayeseba sematheni kulo lonke lelozwe.

15Wayefundisa emasinagogeni abo, bemncoma bonke.

UJesu bayamenqaba eNazaretha

(Mat 13:53-58; Mark 6:1-6)

16UJesu wafika emzini waseNazaretha lapho akhulela khona. Kuthe ngosuku lwesabatha waya esinagogeni njengenhlayenza. Wasukuma ukuba afunde imibhalo engcwele.

17Wanikezwa incwadi yomphrofethi uIsaya. Wasombulula umqulu, wabona indawo lapho kulotshwe khona kwathiwa:

18“UMoya kaSimakade ukimi ngoba ungigcobile ukuba ngishumayele izindaba ezimnandi ezimpofaneni. Ungithumile ukuba ngimemezele inkululeko kwabathunjiweyo nokuthi izimpumputhe zibone, ngikhulule abacindezelweyo,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19ngimemezele unyakamuhle wobubele bukaSimakade.”

20Wagoqa umqulu wawubuyisela encekwini yesinagoge, wahlala phansi. Bonke ababesesinagogeni bamgqolozela.

21Wathatha inkulumo yakhe wathi kubo: “Namhlanje lombhalo ongcwele ugcwalisekile njengoba niwuzwile ufundwa.”

22Bambabaza bonke bemangele, bethathekile lapho bemuzwa ekhuluma lamagama amnandi omusa. Bathi: “Lo akasiyo yini indodana kaJosefa na? ”

23Wathi kubo: “Akubuzwa nakubuzwa ukuthi nizongikhuzela nithi: ‘Nyanga ake uzelaphe phela! ’ nibuye nithi: ‘Phinda ukwenze nalapha kwelakini lokho abasitshela ukuthi wakwenza eKhaphenawume! ’ ”

24Waqhubeka wathi: “Lalelani lapha nginitshele! Akukho mphrofethi oke athandwe kwelakubo!

25Eqinisweni ngempela, ngezinsuku zikaElija umphrofethi kwakungeyibo nabo abafelokazi ezweni lakwaIsrayeli, ngenkathi izulu lomisile iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, kubhoke umadlantule wendlala.

26Nokho uElija akathunyelwanga ukuba asize ngisho noyedwa walababafelokazi, kepha wathunyelwa kumfelokazi emzini waseZarepta ngaseSidoni.

27Nababephethwe uchoko babebaningi kwaIsrayeli ngezinsuku zomphrofethi uElisha, nokho akubangakho muntu kubo owaphiliswa wahlanjululwa, kwaba nguNamani umSiriya kuphela.”

28Bonke ababesesinagogeni kwathi bangakuzwa lokho bathukuthela bathelwa ngamanzi.

29Basuka bamdumela bamkhiphela ngaphandle komuzi. Wawakhiwe phezu kwegquma elinesiwa. Bamqhuba baze bafika onqenqemeni lwesiwa, beqonde ukumkhalakathisela kuso.

30Kodwa wamane wachusha phakathi kwabo nje wemuka.

Umuntu ongenwe ngumoya ongcolileyo
(Mark 1:21-28)

31Wehlela emzini waseKhaphenawume kwelaseGalile. Wafundisa abantu bakhona kuyisabatha.

32Kwabamangalisa ukufundisa kwakhe ngoba ukukhuluma kwakhe kwakungokumuntu onegunya.

33Kwakukhona esinagogeni indoda eyayingenwe yidimoni, umoya ongcolileyo. Yaklabalasa yasho ngengila yathi:

34“Kodwa usifunani wena Jesu waseNazaretha na? Usuzosibhubhisa na? Ngiyakwazi ukuthi ungubani wena Ngcwele kaNkulunkulu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35UJesu walikhaca idimoni wathi: “Thula umsindo! Phuma kuye! ” Lase liyidikliza phansi phakathi kwesixuku, laphuma ingenamcothu.

36Lwabashaya lwabeqa bonke uvalo, babuzana bathi: “Hhawu! Okuphuma emlonyeni wakhe! Ukhuluma ngegunya nangamandla, akhuze imimoya engcolileyo iphume! ”

37Wayeseduma kulo lonke lelozwe.

UJesu uphilisa umkhwekazi kaSimoni
(Mat 8:14-15; Mark 1:29-31)

38Wasuka waphuma esinagogeni waya emzini kaSimoni. Umkhwekazi kaSimoni wayephethwe kabi ngumkhuhlane, base bemnxusa uJesu ukuba amsize.

39UJesu wasondela wamengama, wakhuza umkhuhlane, wawusuphela. Obegula wasukuma khona lapho, wababungaza.

UJesu uphilisa abantu abaningi kusihlwa
(Mat 8:16-17; Mark 1:32-34)

40Kwathi selishona ilanga bonke baya kuJesu belethe abagulayo babo ababephethwe yizifo ngezifo; wababeka izandla ngamunye wabaphilisa.

41Namadimoni imbala aphuma kwabaningi ememeza ethi: “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu! ” Kepha wawakhuza akawavumela ukuba akhulume, ngoba ayemazi ukuthi unguMesiya.

UJesu uphuma uphumo lokushumayela
(Mark 1:35-39)

42Wathi shelele kuseluvivi ngakusasa waya endaweni eyihlane. Abantu bamfuna baze bamthola lapho ekhona, bazama ukumvimba ukuba angemuki kubo.

43Kepha wathi kubo: “Kumele ngishumayele indaba emnandi yombuso kaNkulunkulu nakwezinye izigodi, ngoba yilokho engathunyelwa ukuba ngikwenze.”

44Wayeseqhubeka eshumayela emasinagogeni kulo lonke lakwaJuda.

ULuka 5

Abadobi babamba inqwaba yezinhlanzi
(Mat 4:18-22; Mark 1:16-20)

1Ngelinye ilanga uJesu wayemi ngasechibini laseGenezaretha. Abantu baphangelana basondela kuye ukuba bezwe izwi likaNkulunkulu.

2Wabona izikebhe ezimbili ziqhinqe osebeni. Abadobi babesaphumile begeza amanetha.

3Wangena kwesinye sazo okwakungesikaSimoni. UJesu wathi kuye akathi ukusiqhelukisa kancane osebeni. Wayesehlala phansi wafundisa abantu ezinze esikebheni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Kwathi angaqeda ukukhuluma wathi kuSimoni: “Ake uqhubekele lapho kujule khona, nehlise amanetha enu nidobe izinhlanzi.”

5USimoni waphendula wathi: “Nkosi sishikeke ubusuku bonke asabamba lutho. Kodwa ngizowehlisa amanetha ngoba sekusho wena.”

6Bakwenza lokho. Akunhlanzi abazibambayo, kwaze kwathi akugqashuke amanetha.

7Baze baqhweba abangani babo ababekwesinye isikebhe ukuba bazobelekelela. Beza bafike bazigcwalisa phama izikebhe zombili ngezinhlanzi zacishe zacwila izikebhe.

8USimoni Phetro wabona okwenzekayo, waguqa phambi kukaJesu wathi: “Qhela kimi Nkosi, ngoba ngiyisoni! ”

9Phela wayemangele kakhulu kanye nabo bonke abanye ababenaye ngenqwabakazi yezinhlanzi abase bezibambile.

10Kwamangala ngisho noJakobe noJohane, amadodana kaZebedi, ababesebenza kanye noSimoni. UJesu wathi kuSimoni: “Yima isibindi, ungesabi! Usuzodoba abantu kusukela manje.”

11Izikebhe bazigwedlela osebeni, bashiya konke phansi baba ngabalandeli bakhe.

UJesu uphilisa umuntu onochoko

(Mat 8:1-4; Mark 1:40-45)

12Kuthe ekwesinye isigodi salapho, indoda eyayiphihlike yaphela uchoko, yambona yafike yazilahla phambi kwakhe, yamncenga yathi: “Nkosi, uma uthanda ukungihlambulula ngiphile ungakwenza.”

13UJesu welula isandla wayiphatha wathi: “Ngiyathanda, hlambuluka! ” Uchoko lwaphela khona lapho, yaphila.

14Wayiyala wathi: “Ungatsheli muntu, kepha hamba uziveze kumphristi, akuhlole! Bese wethula umhlatshelo wokuhlanjululwa kwakho njengoba kwayaleza uMose, khona kuzofakazeka kubantu ukuthi usuhlanjululiwe.”

15Nokho udumo lukaJesu lwanda ngokushesha ezweni. Kwakubuthana izindimbane zabantu ukuba zimuzwe ziphiliswe ezifweni zazo.

16Kepha wayejinge ehamba ayothandaza ehlane.

UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi

(Mat 9:1-8; Mark 2:1-12)

17Wayefundisa ngelinye ilanga. Kwakuhlezi lapho abafarisi nabayizazimthetho ababevela emizaneni yonke kwelaseGalile nakwelaseJudiya naseJerusalema; iNkosi uSomandla yayinaye waba namandla okuphilisa.

18Kwafika amadoda elethe isiguli esasife uhlangothi esithwele ngohlaka. Azama ukusingenisa asibeke phambi kukaJesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Ehluleka ukungena ngoba kwakuvimbe isinyokotho sabantu. Ayesekhwela ophahleni lwendlu eseluqaqa, ehlisa isiguli ngohlaka, asibeka phambi kukaJesu phakathi kwabantu.

20Kuthe lapho uJesu ebona ukukholwa kwawo wathi kuso: “Ndoda! Izono zakho zithethelelwe.”

21Izazimibhalo nabafarisi base bezindla bethi: “Ngubani lo ohlambalaza uNkulunkulu na? Ngubani ongathethelela izono ngaphandle kukaNkulunkulu kuphela? ”

22UJesu wayesekuqonda ukuzindla kwabo, wababuza wathi: “Nizindlelani kanjena na?

23Yikuphi okulula ukukusho kumuntu, ukuthi: ‘Izono zakho zithethelelwe,’ nokuthi: ‘Sukuma uhambe’ na?

24Ngizonidelisa nibone ukuthi iNdodana yesintu inegunya lokuthethelela izono emhlabeni.” Wayesethi kogulayo: “Sukuma wena, uthathe uhlaka lwakho ubuyele kini! ”

25Indoda yasukuma khona lapho bebuka, yathatha uhlaka eyayikade ilele kulo, yabuyela kubo idumisa uMvelinqangi.

26Bamangala kabi bonke, badumisa uMvelinqangi bethukile bathi: “Awu! Sibone izimanga namuhla.”

UJesu ubiza uLevi

(Mat 9:9-13; Mark 2:13-17)

27Wayesephuma-ke uJesu esehamba. Wabona umthelisi okuthiwa nguLevi ehlezi esebenza lapho kutheliswa khona, wathi kuye: “Woza ungilandele! ”

28Wayesesuka eshiya konke phansi, eseba ngumlandeli wakhe.

29ULevi wenzela uJesu idili elikhulu emzini wakhe. Babedla nesixuku esikhulu sabathelisi nabanye abantu.

30Kwavungama abafarisi, ikakhulu izazimibhalo ezingabeqembu labo, bathi kubafundi bakhe: “Ningadla kanjani nibuye niphuze nabathelisi nezoni na? ”

31UJesu wabaphendula wathi: “Abaphilileyo abadingi nyanga, kodwa idingwa ngabagulayo.

32Angizelanga ukuzobiza abalungileyo ukuba baphenduke, kodwa ngezela ukuzomema izoni.”

UJesu echaza ngokuzila ukudla

(Mat 9:14-17; Mark 2:18-22)

33Bathi kuye: “Abafundi bakaJohane umbhabhadisi bahlala bezila ukudla bakhuleke, nabafundi babafarisi imbala benze njalo, kodwa abakho bayadla bayaphuza, kabazili.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34UJesu wabaphendula wathi: “Kungenzeka yini ukuba nxa kushadwa, ikhetho
lizile ngenkathi umyeni esahlezi nalo na?

35Phinde, kodwa kuyofika isikhathi lapho liyokwaphucwa khona umyeni; bese
lizila-ke ngalezozinsuku.”

36Wayesebaxoxela umzekeliso wathi: “Akukho muntu oklebhula isichibi
engutsheni entsha, achibele ngaso ingubo endala. Ngoba uma enze njalo uyoyona
ingubo entsha, kanti futhi nesichibi sengubo entsha singezwani nendala.

37Futhi akukho muntu owetha iwayini eliseyifumuka ezimvabeni ngoba uma
ekwenza lokho, ifumuka liyobila, izimvaba ziqhume, kuchitheke iwayini, konakale
nezimvaba.

38Phela ifumuka kufanele lethiwe ezimvabeni ezintsha.

39Kanti akakho othi esephuze iwayini elidala abuye afune ifumuka, ngoba phela
uzothi elidala limnandi.”

ULuka 6

Abafundi bakha izikhwebu kuyisabatha

(Mat 12:1-8; Mark 2:23-28)

1Ngelinye ilanga wadabula emasimini kuyisabatha. Abafundi bakhe basuke
babhonyula izikhwebu bazihulula badla.

2Abanye kubafarisi base bethi: “Nikwenzelani lokho okungemthetho ukuba
nikwenze kuyisabatha na? ”

3UJesu wabaphendula wathi: “Kanti anifundanga yini ngesenzo sikaDavide mhla
elambile kanye neqembu lakhe?

4Wangena endlini kaNkulunkulu wathatha izinkwa ezazethulwe kuNkulunkulu,
wadla waze wapha nabeqembu lakhe, nanxa kwakungemthetho ukuba umuntu
azidle, zidliwa ngabaphristi kuphela.”

5UJesu wayesethi kubo: “INdodana yesintu iyinkosi yesabatha.”

Umuntu owayenesandla esishwabeneyo

(Mat 12:9-14; Mark 3:1-6)

6Kwelinye isabatha uJesu waya esinagogeni wafundisa. Kwakukhona lapho
umuntu osandla sakhe sokunene sasishwabene.

7Izazimithetho nabafarisi bamqaphela befuna ukubona ukuthi uzophilisa yini
kuyisabatha na. Babefuna phela izaba zokummangalela.

8UJesu wayekwazi ukuzindla kwabo wayesekhuluma endodeni enesandla
esishwabeneyo wathi: “Sukuma ume lapha ngaphambili! ” Yasukuma yema.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Wayesethi kubo: “Ngiyanibuza ukuthi yikuphi okuvumelekile ngokomthetho
ukuba kwenziwe kuyisabatha, ukusiza umuntu noma ukumlimaza, ukuhlenga
impilo noma ukuyichitha na? ”

10Waphosa amehlo ngakubo bonke wayesethi kuleyondoda: “Yelula isandla! ”
Yakwenza lokho sase siphila.

11Bathukuthela bathelwa ngamanzi, bahlanganisa amakhanda bathi kodwa
bangamenze njani uJesu.

UJesu uqoka abaphostoli abayishumi nambili
(Mat 10:1-4; Mark 3:13-19)

12Akubanga sikhathi esingakanani uJesu wasuka waya entabeni ukuba akhuleke
khona. Wahlala ubusuku bonke ekhuleka kuNkulunkulu.

13Kuthe sekusile wamemeza abafundi bakhe basondela kuye. Waqoka abayishumi
nambili kubo, wabuye wababiza laba ngokuthi bangabaphostoli.

14KwakunguSimoni, lona amqamba futhi ngelikaPhetro, nomfowabo uAndreya,
uJakobe noJohane, uFiliphu noBhatolomu,

15uMatewu noTomasi, uJakobe ka-Alfiyose noSimoni okuthiwa ngumshokobezi,

16uJudasi kaJakobe noJudasi Iskariyothe owaphenduka umkhapheli.

UJesu uyashumayela uphilisa abaningi
(Mat 4:23-25)

17UJesu wehla entabeni nabaphostoli wafike wema endaweni eyithafa.
Kwakukhona isixuku sabafundi kanye nezindimbane zabantu ababeqhamuka kulo
lonke elaseJudiya neJerusalema nemfunda egudla olwandle eduze nemizi
yaseThire naseSidoni.

18Babeye kuye ukuba bamuzwe baphiliswe ezifweni zabo. Nalabo-ke
ababephethwe yimimoya engcolileyo baphiliswa.

19Sazama ukumthinta sonke lesisixuku, ngoba kwavela kuye amandla, wabaphilisa
bonke.

Izibusiso nezinhlupheko
(Mat 5:1-12)

20Wabheka ngakubafundi bakhe wathi: “Nibusisiwe nina enimpofu ngoba umbuso
kaNkulunkulu ungowenu.

21Nibusisiwe nina enilambayo manje ngoba niyosutha naneliswe. Nibusisiwe nina
enikhala izinyembezi, ngoba niyohleka nodwa.

22“Nibusisiwe uma abantu benizonda, benizondela isizathu sokuthi
ningabeNdodana yesintu, banihlulule, banithuke, banukubeze amagama enu bathi
nibabi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Thokozani ningcingcize mhla lokho kwenzeka! Niyabona-ke, nihlalelwe umvuzo
omkhulu ezulwini, ngoba okhokho babo benze njalo kubaphrofethi.

24“Kepha nakho kini nina enicebileyo, ngoba ninethezekile nenelisiwe.

25Nakho kini nina enisuthayo manje, ngoba niyolamba. Nakho kini nina enihlekayo
manje, ngoba niyolila nikhale ezimathonsi.

26“Nakho kini uma abantu bonke benitusa bekhuluma kahle ngani, ngoba okhokho
babo benze njalo kubaphrofethimbumbulu.

Ukuthanda izitha
(Mat 5:38-48; 7:12)

27“Kepha nina enikuzwayo lokhu engikushoyo, ngithi kini: “Thandani izitha zenu
nibaphathe kahle abanizondayo,

28nibacelele isibusiso abaniqalekisayo, nibakhulekele abanonayo!

29“Lowo okumukula esihlathini, mphendulele esinye asishaye naso; nalowo
okwephuca ingubo, mdedele athathe nesembatho!

30Lowo nalowo ocela utho kuwe, muphe! Uma kukhona okwaphuca impahla
yakho, ungayibizi!

31Yenzani kwabanye abantu lokho enithanda ukuba bakwenze kini!

32“Uma nithanda abanithandayo, kukhona yini eningahle nituswe ngakho na?
Phela nezoni ziyabathanda abazithandayo nazo.

33Uma nenza okuhle kulabo abenza okuhle kini, kukhona yini eningatuswa ngakho
na? Ngisho nezoni imbala zenze njalo.

34Uma nitsheleka labo enethemba ukuthi bayonibuyisela, kukhona yini eningahle
nituswe ngakho na? Ngisho nezoni ziyatshelekana ukuze kubuye lokho
ezetshelekise ngakho.

35Ngithi thandani izitha zenu, nenze okuhle nitshelekise ningabheke kubuyiselwa.
Uma nenze njalo niyovuzwa kakhulu: niyoba ngamadodana oPhezukonke, ngoba
unomusa kwababi nabangabongiyo.

36Yibani nobubele njengalokhu uYihlo osezulwini enobubele!

Ukwahlulela abanye
(Mat 7:1-5)

37“Ningehluleli, yikhona uNkulunkulu engayikunahlulela nani; ningalahli muntu
ngecala, yikhona ningayikulahlwa ngecala. Thethelelani, yikhona niyothethelelwa
nani.

38Yiphani, yikhona niyophiwa nani. Niyophiwa kakhulu, kuthelwe eziqabethweni
zenu ngesilinganiso esanele esigqishiwe sashukuziswa sagcwaliswa saze

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

sachichima. Phela nani niyokwamukeliswa okungangesilinganiso enilinganisela ngaso abanye.”

39Wayesebaxoxela umzekeliso othi: “Kambe impumputhe ingayihola enye na? Aziyikukhalakathela emgodini zombili na?

40Akukho mfundi oke abe mkhulu kunalowo omfundisayo, kepha kuthi lowo nalowo esefundile abe ngangomfundisayo.

41“Ungasibona kanjani isibi esisesweni lomzalwane ube ungaluboni ugoqo olukwelakho na?

42Ungasho kanjani kuye uthi: ‘Mzalwane ake ngikhiphe isibi esweni lakho! ’ wena ube ungaluboni ugoqo olusesweni lakho na? Mzenzisindini! Qala ngokukhipha ugoqo olusesweni lakho, yikhona uyobona kahle bese ukhipha isibi esisesweni lomzalwane.

Isihlahla nezithelo zaso
(Mat 7:16-20; 12:33-35)

43“Akukho sihlahla sathela izithelo ezimbi sisihle, kanti futhi isihlahla singethele zithelo ezinhle sisibi.

44Isihlahla saziwa ngezaso izithelo. Esihlahleni somunga akukhiwa makhiwane, nasesihlahleni sameva akukhiwa zithelo zomvini.

45Umuntu olungileyo uveza okuhle okuvela ekujuleni kwenhliziyo enhle, nomuntu omubi uveza okubi okuvela ebubini bakhe. Ngoba umlomo womuntu ukhuluma lokho okumbusa enhliziyweni.

Indlu enesisekelo nengenaso
(Mat 7:24-27)

46“Nide ningibizelani nithi: ‘Nkosi! Nkosi! ’ nibe ningakwenzi enginitshela khona na?

47Lowo oza kimi ezwe engikushoyo akwenze ngizonibonisa ukuthi ungumuntu onjani.

48Unjengomuntu okwathi ngenkathi akha indlu, wemba kwajula wabeka isisekelo sendlu phezu kwedwala. Umfula wagcwala wadla izindwani, izikhukhula zeza zatheleka ngamandla kuleyondlu, kodwa zehluleka ukuyinyakazisa nakhu phela yayakhiwe kahle.

49Kodwa lowo ozwa engikushoyo angakwenzi unjengomuntu owakha indlu emhlabathini ingenasisekelo. Kuthe izikhukhula zingatheleka kuleyondlu yadilika khona lapho, yabhidlika yaphela nya.”

ULuka 7

UJesu uphilisa inceku yenduna yamabutho
(Mat 8:5-13)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Kwathi uJesu angaqeda konke ayekusho kubantu waya wangena emzini waseKhaphenawume.

[2]Kwakunomuntu lapho owayeyinduna yamabutho amaRoma. Wagulelwa yinceku yakhe eyisilomo yabangwa nezibi.

[3]Yezwa lenduna ngoJesu, yayisithumela izigele zamaJuda kuye ukuba zimnxuse eze azophilisa inceku yayo.

[4]Zafika kuJesu zambelesela zathi: “Kuyifanele impela ukuba uyisize lenduna.

[5]Iyasithanda isizwe sakithi; yiyo eyasakhela indlu yokusonta.”

[6]UJesu wahamba nazo. Kuthe esekudebuduze nakwanduna yathumela kuye abangane bayo abathile ukuba bafike bathi: “Nkosi ungazihluphi, akungifanele ukuba ungangena kwami.

[7]Ngakhoke ngibone kungangifanele ukuba ngize kuwe mathupha. Kepha khipha izwi nje, inceku yami iphile.

[8]Kwamina ngingumuntu ophethwe ngabanye, kanti nami ngiphethe amabutho. Ngiyaye ngithi komunye: ‘Hamba! ’ abesehamba. Ngithi komunye: ‘Woza! ’ abeseza. Ngithi encekwini yami ayenze into ethile, iyenze.”

[9]UJesu wakuzwa lokho wababaza, waphendukela emshungwini owawumlandela wathi: “Ngithi kini, angikaze ngikubone ukukholwa okungaka ngisho nakwaIsrayeli imbala.”

[10]Izithunywa zabuyela emzini wenduna zafica inceku isiphilile.

UJesu uvusa indodana yomfelokazi ekufeni

[11]Akubanga sikhathi esingakanani uJesu waya emzini okuthiwa kuseNayini. Waphelekezelwa ngabafundi bakhe nezindimbane zabantu.

[12]Kuthe esesondele ngasesangweni lomuzi wahlangana nomngcwabo. Umufi wayeyindodana eyodwa kunina owayengumfelokazi. Unina waphelekezelwa ngumshungu omkhulu wabantu balowomuzi.

[13]INkosi yambona yafikelwa yisihe yathi: “Mus' ukukhala! ”

[14]Yasondela yafike yathinta uhlaka lwesidumbu; ababeluthwele bema. Yayisithi: “Nsizwa, ngithi kuwe: Vuka! ”

[15]Umufi wavuka ohlakeni wahlala, wakhuluma. UJesu wayesembuyisela kunina.

[16]Behlelwa uvalo bonke, badumisa uNkulunkulu bathi: “Kuvele umphrofethi omkhulu phakathi kwethu! ” Babuye bathi: “UNkulunkulu ubahambele abantu bakhe! ”

[17]Lezizindaba zaxoxwa ngoJesu, zasakazeka nalo lonke elakwaJuda nezindawo ezakhelene nalo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UJohane umbhabhadisi uthumela kuJesu

(Mat 11:2-19)

18 UJohane umbhabhadisi walandiswa konke lokhu ngabafundi bakhe. Wabiza ababili kubo

19 wabathuma ukuba bambuzele eNkosini uJesu ukuthi: “Wena unguye yini obhekiweyo ukuthi uyeza, kumbe sime silindele omunye na? ”

20 Lamadoda afika kuye athi: “UJohane umbhabhadisi usithumele kuwe ukuba simbuzele ukuthi: ‘Wena unguye yini obhekiweyo ukuthi uyeza, kumbe sime silindele omunye na? ’ ”

21 Ngalowomzuzu uJesu waphilisa abaningi ababehlushwa yizifo nezinhlungu nemimoya emibi; wasiza nabaningi ababeyizimpumputhe wabavula amehlo babona.

22 Wayesewaphendula-ke lawamadoda wathi: “Hambani nikulandise uJohane lokho enikubonile nenikuzwile: izimpumputhe seziyabona, izishosha seziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu seziyezwa, abafileyo bayavuka, izimpofana zishunyayezwa indaba emnandi kaNkulunkulu.

23 Ubusisiwe umuntu ongakhubeki awe ekukholweni ngenxa yami.”

24 Zaphindela emuva izithunywa zikaJohane, uJesu wasala wakhuluma ngaye kubantu wathi: “Kambe naniyobukani ehlane na? Umhlanga untengantengiswa wumoya?

25 Qha! Naniyobukani kanti? Umuntu ogqoke izingubo ezinofonofo na? Phela labo abevatha ezibukhazikhazi bekhomba ngophakathi bangabezigodlo zamakhosi.

26 Empeleni naniyobukani? Umphrofethi? Yebo, ngithi-ke nabona lukhulu kunomphrofethi.

27 Nguye lowo uJohane okulotshwe ngaye embhalweni kwathiwa: “ ‘UNkulunkulu uthi: Nasi isigijimi sami engisithuma phambi kwakho ukuba sikuhlahlele indlela.’

28 “Ngithi kini, akakho noyedwa ozelwe yisifazane omkhulu kunoJohane umbhabhadisi. Noma kunjalo, kodwa ngisho nomncinyane embusweni kaNkulunkulu mkhulu kunaye.

29 Bonke abantu abamuzwayo, ngisho nabathelisi, bakuthobela okushiwo nguNkulunkulu, babhabhadiswa nguJohane.

30 Kepha abafarisi nezazimthetho bakuchithile lokho uNkulunkulu akuhlose ngabo, abaze babhabhadiswa nguJohane.

31 “Kodwa ngingabafanisa nantoni abantu balemihla, ngingathi banjani nje?

32 Banjengezingane zihlezi phandle zidlala amaqembu zimemeza zisolana zithi: “ ‘Sinishayele ihlombe kodwa anisinanga, sacula ezokulila kodwa anikhalanga! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33“Phela uJohane umbhabhadisi ufike wazila ukudla newayini, kepha nina nithi unedimoni.

34INdodana yesintu ifike yadla yaphuza, senithi: ‘Ake nibone! Lomuntu uyisidlakudla nenkolotsha, umngani wabathelisi nezoni.’

35Kodwa bonke abemukela inhlakanipho kaNkulunkulu bayiveza ngokusobala ukuthi iyiqiniso.”

UJesu ekhaya likaSimoni umfarisi

36Omunye wabafarisi wamema uJesu ukuba azokudla kwakhe. Waya emzini walomfarisi, wafike wahlala wadla.

37Kwakukhona kuleyondawo owesifazane oyisonakali. Wezwa ukuthi uJesu umenywe kwamfarisi, waya khona ephethe isitsha sealabhasta, sinamakha awuketshezi, umfuma wakwanokusho.

38Owesifazane wayemi ngemuva kukaJesu eduze kwezinyawo zakhe, ekhala izinyembezi. Wamatisa izinyawo zikaJesu ngezinyembezi, ezesula ngezinwele zakhe, edamane anga izinyawo ezigcoba ngamakha lawo.

39Kuthe umfarisi omeme uJesu angayibona lento, wazindla wathi: “Ukuba lendoda ibingumphrofethi, ibiyomazi lomfazi oyithintayo ukuthi ungubani nokuthi isimilo sakhe sinjani, ibiyomazi ukuthi uyisonakali.”

40UJesu wayesethi kumfarisi: “Simoni, kukhona engifuna ukukutshela khona.” Waphendula wathi: “Khuluma Mfundisi! ”

41Wathi uJesu: “Amadoda amabili ayeboleke imali kumtshelekisi othile. Enye yawo yayiboleke izinhlamvu zesiliva ezingamakhulu amahlanu, enye zingamashumi amahlanu.

42Lamadoda ehluleka ukumkhokhela, wayesewaxolela omabili, wesula icala lawo. Manje-ke iyiphi kuwo eyomthanda kakhulu na? ”

43USimoni waphendula wathi: “Phela yileyo ayixolela icala elikhulu.” Wathi uJesu: “Ushaye emhloleni! ”

44Wakhomba owesifazane wathi kuSimoni: “Uyambona lomame? Ngifike kwakho, kawanginika manzi okugeza izinyawo. Kepha yena umatise izinyawo zami ngezinyembezi zakhe, wazesula ngezinwele zakhe.

45Wena awuzange ungange ngenkathi ngingena kwakho, kepha selokhu ngifikile lapha yena udamane anga izinyawo zami.

46Awungigcobanga ngamafutha ekhanda, kepha yena ubelokhu engiqhola izinyawo ngamakha.

47Ngakhoke ngithi kuwe: Izono zakhe lezi eziningi kangaka zithethelelwe, yingakho nje ekhombise uthando olukhulu. Lowo othethelelwe icala elincane, wokhombisa uthando oluncane.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

48UJesu wayesethi kowesifazane: “Izono zakho zithethelelwe.”

49Labo ababedla kanye noJesu base befakana imilomo bathi: “Kanti ungubani lo okwazi nokuthethelela izono na? ”

50Kodwa uJesu wathi kowesifazane: “Ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba nokuthula! ”

ULuka 8

Abesifazane ababehamba noJesu

1Wabuye wahamba ephuma engena edabula izigodi nezigojana, eshumayela indaba emnandi yombuso kaNkulunkulu. Wayekanye nabayishumi nambili,

2ehambisana nabesifazane ayekhiphe kubo imimoya emibi, wabaphilisa nasezifweni. KwakungoMariya waseMagdala okwakukhishwe kuye amadimoni ayisikhombisa,

3noJwana umkaKhuza, induna yesigodlo senkosi uHerodi, noSusana nabanye abesifazane abaningi. Laba-ke babelekelela ngababenakho, besebenzela uJesu nabafundi bakhe.

Umzekeliso ngomhlwanyeli
(Mat 13:1-9; Mark 4:1-9)

4Kwaqhamuka abantu bevela izigodi ngezigodi belokhu bezile kuJesu. Kwathi sekubuthene izindimbane zabantu wabaxoxela lomzekeliso:

5“Kwasuka umuntu wahamba wayohlwanyela. Enye imbewu yaqathakela ngasendleleni ehlwanyela. Yanyathelwa ngabantu, izinyoni zayicosha.

6Enye yaqathakela endaweni eyidwala elalinomhlabashana. Yathi ingamila izithombo zabuna ngenxa yokweswela umswakama.

7Enye yaqathakela emhlabathini onehlozi lameva. Lathi lingamila lakhula kanye nezithombo laziminyanisa.

8Enye yaqathakela emhlabathini oyimvunde. Yamila, yathela ukudla okuphindwe ngekhulu.” UJesu wayesememeza ethi: “Onendlebe akezwe engikushoyo! ”

Inhloso yokubalandisa imizekeliso
(Mat 13:10-17; Mark 4:10-12)

9Abafundi bambuza uJesu ukuthi lomzekeliso usho ukuthini na.

10Wabaphendula wathi: “Nina senikuphiwe ukuzazi izimfihlo zombuso kaNkulunkulu. Kanti-ke abanye bakuthola ngemizekeliso ukuba “ ‘kuthi bebona kodwa bangaboni, kuthi bezwa kodwa bangaqondi.’ ”

UJesu uchaza umzekeliso ngomhlwanyeli
(Mat 13:18-23; Mark 4:13-20)

11“Nakhu-ke okuqondwe ngalomzekeliso: Imbewu iyizwi likaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Leyo eyaqathakela endleleni ichaza ngalabo okuthi belizwile izwi kufike uSathane alikhiphe ezinhliziyweni zabo ukuze bangakholwa basindiswe.

13Leyo eyaqathakela endaweni eyidwala ichaza ngalabo okuthi bangalizwa izwi balemukele balithokozele. Kodwa kabanazimpande ezijulile, bakholwa isikhashana nje, kuthi lapha belingwa bawe ekukholweni.

14Leyo eyaqathakela emhlabathini onehlozi lameva ichaza ngalabo abalizwayo izwi kepha ekuhambeni kwabo besekulomhlaba baxinwe yizinkathazo nengcebo nezinjabulo zalokhukuphila, bafane nezikhwebu ezingaveziyo.

15Imbewu eyaqathakela emhlabathini oyimvunde ichaza ngalabo abalizwayo izwi, balilonde enhliziyweni elungileyo nethembekile, baphikelele baze bathele okuhle.

Isibani esisithwa ngesitsha
(Mark 4:21-25)

16“Akukho muntu owokhela isibani abesesisitha ngesitsha kumbe asibeke ngaphansi kombede; kodwa sichwanekwa endaweni ephakemeyo, ukuba abangena endlini babone ukukhanya.

17Phela konke okufihlakeleyo kuyovezwa obala, nokuyimfihlo kuyokwaziwa kuvele obala.

18“Qaphelani-ke ukuthi nizwa kanjani; ngoba lowo onotho uyophiwa enezelelwe; ongenalutho uyokwephucwa ngisho nalokho abethi unakho.”

Izihlobo zikaJesu zangempela
(Mat 12:46-50; Mark 3:31-35)

19Unina nabafowabo bakaJesu baya kuye. Behluleka ukufinyelela kuye, lokhu phela babevinjwe yisixuku.

20Wayesebikelwa ukuthi unina nabafowabo bemi phandle bafuna ukumbona.

21UJesu waphendula wathi: “Umame nabafowethu yilabo abalizwayo izwi likaNkulunkulu bese bekwenza elikushoyo.”

UJesu uthulisa isiphepho
(Mat 8:23-27; Mark 4:35-41)

22Langalimbe wakhwela esikebheni nabafundi bakhe, wayesethi kubo: “Ake siwelele ngaphesheya kwechibi! ” Base beyahamba-ke.

23Kuthe besawela wazunywa ubuthongo, walala. Kwashweza isiphepho somoya sehla sabhenguza echibini, amanzi aqala ukugcwala esikebheni, sebesengozini.

24Basondela kuye bamvusa bathi: “Nkosi, Nkosi, nakhu sifa! ” Wavuka wakhuza umoya namadlambi, abohla kwathi cwaka.

25Wathi kubo: “Sekuye ngaphi ukukholwa kwenu na? ” Bashaywa uvalo bemangele, babuzana bathi: “Hawu! Muntu muni lo? Ukhuza isiphepho ngisho namaza amlalele! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UJesu ukhipha idimoni kumuntu waseGerasa

(Mat 8:28-34; Mark 5:1-20)

26Baqhubekela ezweni elakhelene nomuzi waseGerasa. Ungaphesheya kwechibi,
ubhekene nesifunda saseGalile.

27UJesu waphumela ogwini, wanqwamana nendoda ivela kulomuzi iphethwe
ngamadimoni. Yayisinesikhathi eside ihamba inqunu, ingahlali endlini, ihlala
emathuneni.

28Yambona uJesu yaklabalasa yazilahla phambi kwakhe yasho ngengila yathi:
“Ungifunani wena Jesu, Ndodana kaNkulunkulu oPhezukonke na? Ngiyakuncenga
ukuba ungangihanqazi ngezinhlupho.”

29Ngoba wayekade ekhuze umoya ongcolileyo ukuba uphume kulomuntu. Phela
wawuhleze umbhozomela umhlukumeze. Babeyaye bamgige ngamaketango,
bamqhoboshe namaqakala bameluse, kodwa amane awagqabule nje, idimoni
limhadulise ehlane.

30UJesu wambuza wathi: “Ungubani igama lakho na? ” Wamphendula wathi:
“Siyiviyo lamabutho empi,” nakhu phela ayemaningi amadimoni ayemngene.

31Amncenga uJesu ukuba angawathumeli kwalasha.

32Kwakweluke umhlambi omkhulu wezingulube eqeleni lalapho. Amadimoni
ayesezikhalela kuJesu acela ukungena ezingulubeni, wawavumela.

33Aphuma-ke njalo endodeni angena ezingulubeni. Umhlambi washo
wagulukudela esiweni, wagxambukela echibini waminza.

34Kuthe ukuba abelusi babone osekwenzekile, babaleka, bafike bawuhlaba
bawulawula emzini nasemaphandleni.

35Abantu basuka baya khona bayozibonela okwakwenzekile. Bafike kuJesu, bafica
lendoda okwakukhishwe kuyo amadimoni, isihlezi ngasezinyaweni zakhe,
igqokile isiphila nasemqondweni. Lwabashaya lwabeqa uvalo.

36Ababeyibonile lento baxoxela abafikayo ukuthi lusinde kanjani uhlanya.

37Bonke abantu balelozwe lamaGerasa banxusa uJesu ukuba aphume aphele
lapho, ngoba base bephethwe uvalo olukhulu. Wakhwela esikebheni waphindela
emuva.

38Indoda okwakukhishwe kuyo amadimoni yancenga uJesu ukuba ihambe naye.
Kepha wayibuyisela emuva wathi:

39“Phindela kini ufike uxoxe ukuthi kukhulu kangakanani uMvelinqangi
akwenzele khona! ” Indoda yawuhamba wonke lowomuzi imemezela ukuthi
kukhulu kangakanani uJesu ayenzele khona.

Indodakazi kaJayiro; owesifazane owathinta ingubo kaJesu

(Mat 9:18-26; Mark 5:21-43)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40UJesu wabuyela emuva wafike wathokozelwa yizihlwele, ngoba phela babemlindele bonke.

41Kwafika indoda eyayingumphathi wesinagoge, igama layo linguJayiro. Yafike yazilahla phambi kukaJesu, yamnxusa ukuba aye emzini wayo,

42ngoba indodakazi yayo okwakungukuphela kwayo yayigula ibangwa nezibi. Kwakuyingane eseminyakeni eyishumi nambili. Kuthe esesendleleni uJesu wangungwa umshungu wabantu bamminyanisa.

43Kwakukhona owesifazane owayesephathwe yisifo sokopha, sesineminyaka eyishumi nambili samqala. Wayesephundlwe yizinyanga zamqeda, esechithe konke ayenakho, kepha kungekho muntu owayengase amelaphe, asinde.

44Waqhamukela uJesu ngemuva, wafike wathinta umphetho wengubo yakhe. Kwanqamuka khona lapho ukopha.

45UJesu wabuza wathi: “Ngubani lona ongithintayo? ” Baphika bonke, uPhetro wayesethi: “Nkosi, ingani izixuku zikungungile ziyakuminyanisa.”

46Kepha uJesu wathi: “Ukhona ongithintile, ngoba ngiwezwile amandla okuphilisa ephuma kimi.”

47Owesifazane wabona ukuthi usedalulekile wasondela ethuthumela, wafike wazilahla phambi kwakhe. Washo phambi kwabo bonke, ebatshela ngokumbangele ukuba amthinte nangokwelapheka kwakhe ngokushesha.

48UJesu wathi kuye: “Mntanami, ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba nokuthula! ”

49Kuthe esakhuluma kwatheleka umuntu evela kwaJayiro, wabika wathi: “Indodakazi yakho ishonile. Ungabe usamkhathaza uMfundisi! ”

50UJesu wakuzwa lokhu wathi kuye: “Yima isibindi ungesabi! Kholwa nje kuphela, yikhona izophila! ”

51Wafika kwaJayiro akaze avumela muntu ukuba angene naye endlini, ngaphandle kukaPhetro noJohane noJakobe, kanye noyise nonina womntwana.

52Iziboni zazikhala zonke zililela intombazane. Kepha uJesu wathi: “Musani ukukhala! Kayifile, ilele.”

53Bamhleka usulu, ngoba babazi ukuthi ifile.

54Kodwa uJesu wayibamba ngesandla, wamemeza wathi: “Vuka mntanami! ”

55Ukuphila kwayo kwabuya yasukuma ngaso lesosikhathi, uJesu wathi abayiphakele idle.

56Abazali bayo bamangala kakhulu, kepha wabakhuza wathi bangalokothi batshele muntu ngokwenzekileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ULuka 9

Ukuthunywa kwabaphostoli abayishumi nambili
(Mat 10:5-15; Mark 6:7-13)

1Wabiza abayishumi nambili baqoqana kuye, wabanika amandla negunya
lokukhipha onke amadimoni nokuphilisa ababephethwe yizifo.

2Wabathuma ukuba bahambe bashumayele indaba yombuso kaNkulunkulu,
baphilise abagulayo.

3Wabayala wathi: “Ningaluhlinzeki uhambo lwenu; ningaphathi ludondolo
nasikhwama sendlela, namphako, namali, ngisho nasambatho sesibili.

4Hlalani kulelokhaya eningenise kulo, nize nimuke kuleyondawo.

5Uma abantu benganamukeli, shiyani kulesosigodi, nibaxwayise
ngokubathuntuthela uthuli lwezinyawo zenu.”

6Bahamba-ke, badabula imizi ngemizi. Babeshumayela indaba emnandi
kaNkulunkulu yonke indawo, bephilisa nabagulayo.

Ukubulawa kukaJohane umbhabhadisi
(Mat 14:1-12; Mark 6:14-29)

7UHerodi, inkosi eyayibusa elaseGalile, wezwa ngakho konke okwenzekayo;
amdida kakhulu amahemuhemu osizwile. Abanye babethi uJohane umbhabhadisi
uvukile kwabafileyo,

8abanye bethi uElija ubonakele, abanye-ke bethi kuvuke omunye wabaphrofethi
basendulo.

9UHerodi wathi: “UJohane ngamnquma ikhanda wafa; pho ngabe sekungubani lo
esengizwa lezizinto ngaye na? ” Wayelokhu ezama ukuba abonane noJesu.

Izinkulungwane eziyisihlanu ziphiwa ukudla
(Mat 14:13-21; Mark 6:30-44; Joh 6:1-14)

10Abaphostoli babuyela kuJesu, bafike bamlandisa ngakho konke abakwenzileyo.
Wasuka wahamba nabo, baya bodwa emzini okuthiwa yiBhetsayida.

11Kuthe izihlwele zingezwa ngalokho, zamlandela. Wabemukela kahle,
wakhuluma kubo ebafundisa ngombuso kaNkulunkulu, wasiza labo ababedinga
ukuphiliswa.

12Kuthe lapho ilanga seliya ngonina, abayishumi nambili baya kuye bafike bathi:
“Badedele abantu baye emizini nasemaphandleni aseduzane, bazifunele
isikhundla sokulala, bathole okuya ngasethunjini, ngoba lendawo iyihlane! ”

13Kepha waphendula wathi: “Bapheni nina badle! ” Bathi kuye: “Sinezinkwa
eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili kuphela. Usho ukuthi sesingahamba sithengele
sonke lesisixuku ukudla na? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Amadoda ayelapho belu ayelinganiselwa ezinkulungwaneni eziyisihlanu. UJesu
wathi kubafundi: “Bahlaliseni ngamaqembu, lilinye libe nabantu abangaba
ngamashumi ayisihlanu! ”

15Bakwenza lokho babahlalisa-ke abantu bonke.

16Wathatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabhekisa amehlo
ezulwini, wabonga kuNkulunkulu. Wayesekuhlephula lokhukudla, wakunika
abafundi ukuba bakwabele abantu.

17Badla bonke besutha. Kwabuthwa imvuthuluka yokudla, yaba ngamaqoma
ayishumi nambili.

Ubufakazi bukaPhetro ngoJesu

(Mat 16:13-19; Mark 8:27-29)

18Ngelinye ilanga uJesu wayekhuleka yedwa enabafundi bakhe kuphela.
Wababuza wathi: “Abantu bathi ngingubani na? ”

19Baphendula bathi: “Kuthiwa unguJohane umbhabhadisi, kodwa abanye bathi
unguElija, abanye-ke bathi kuvuke ekufeni omunye wabaphrofethi basendulo.”

20Wayesethi: “Pho nina nithi ngingubani na? ” UPhetro waphendula wathi:
“UnguMesiya, umgcotshwa kaNkulunkulu.”

UJesu ubikezela ukufa kwakhe

(Mat 16:20-28; Mark 8:30 - 9:1)

21UJesu wabadonsa ngendlebe ukuba bangakutsheli muntu lokho.

22Wathi: “Kumele iNdodana yesintu ihlupheke kabi, izigele nezikhulu zabaphristi
kanye nezazimibhalo ziyihluphe ziyikhiphe inyumbazane, ibulawe, ivuke ngosuku
lwesithathu.”

23Wathi kubo bonke: “Uma umuntu ethanda ukuba ngumlandeli wami, akazidele,
etshathe isiphambano sakhe imihla namalanga, angilandele!

24Ngoba lowo ofuna ukuhlenga ukuphila kwakhe kuyomlahlekela, kepha odela
ukuphila kwakhe ngenxa yami, kuyohlala kuhlengekile.

25Kungamsiza ngani umuntu ukuba azuze konke okomhlaba, kepha yena alahleke
abhubhe na?

26Uma umuntu enezinhloni ngami nangamazwi ami, iNdodana yesintu iyoba
nezinhloni ngaye mhla izayo nezingilosi ezingcwele ngenkazimulo yayo
nangobukhosi bukaYise.

27Ake nilalele nginitshele! Kukhona abanye lapha abangayikuthathwa ukufa
besahlalele ukufika kwesikhathi abayobona uNkulunkulu ebusa kuso.”

UJesu uguquka esinye isimo

(Mat 17:1-8; Mark 9:2-8)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Kwadlula izinsuku ezingaba yisishiyagalombili uJesu wathatha uPhetro noJohane noJakobe, wenyukela nabo entabeni ukuba ayokhuleka.

29Kuthe esakhuleka kwaguquka ubuso bakhe, nezingubo zakhe zaba mhlophe zaxhopha amehlo.

30Khona lapho kwabonakala amadoda amabili ekhuluma naye. KwakunguMose noElija.

31Babonakala benenkazimulo, bebhunga naye ngokushiya kwakhe lomhlaba, afe eJerusalema afeze isu likaNkulunkulu.

32OPhetro babelele zwi, kwathi bangaphaphama babona inkazimulo kaJesu, emi nalawamadoda amabili.

33Ngenkathi uJesu esehlukana nawo, uPhetro wathi kuye: “Nkosi, kube kuhle kabi ukuba sibe lapha. Asisale sesimisa amadokodo amathathu, elakho nelikaMose nelikaElija! ” Phela uPhetro wayengasazizwa nokuthi uthini.

34Kuthe esakhuluma kwafika ifu labasithibeza, abafundi base befikelwa ukwesaba lapho libamboza.

35Kwezwakala izwi efwini lithi: “Lo uyiNdodana yami engiyikhethileyo; lalelani ekushoyo! ”

36Kuthe selizwakele izwi, babona uJesu esesele yedwa. Abafundi bawuhlaba inhlali, lokho ababekubonile kabakutshela muntu ngaleyomihla.

UJesu uphilisa umfana onomoya ongcolileyo

(Mat 17:14-18; Mark 9:14-27)

37Behla entabeni ngakusasa, izindimbane zahlangabeza uJesu.

38Kwamemeza indoda esixukwini yathi: “Ngiyacela Mfundisi, ngibonele nansi indodana yami, ingukuphela kwayo vo.

39Kusuka umoya omubi uyidumele iklabalase, uyihlukumeze ize ikhihlize amagwebu. Kuthi uqambe ujokola uyishiye isiyimvithi.

40Nginxuse abafundi bakho ukuba bawukhiphe, behluleka.”

41UJesu waphendula wathi: “Hhawu loluhlobo lwabantu abonakeleyo abangenalo ukholo! Koze kube nini ngihlezi nani nginibekezelela na? Mlethe lapha umntanakho! ”

42Kwathi lapho umfana esasondela, idimoni lamdumela, lamshaya phansi wangqasha. UJesu wakhuza umoya ongcolileyo, wawukhipha kumfana waphila; wayesembuyisela kuyise.

43Bamangala kakhulu bonke lapha bebona kusebenza amandla amakhulu kaMvelinqangi.

UJesu uyaphinda ubikezela ukufa kwakhe

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 17:22-23; Mark 9:30-32)

Kuthe abantu besabambe ongezansi, bemangaliswe yikho konke ayekwenzile uJesu, wathi kubafundi bakhe:

44“Lalelani engikushoyo! INdodana yesintu izonikelwa ezandleni zabantu.”

45Lenkulumo yakhe kabayiqondanga ukuthi isho ukuthini; umqondo wayo wawufihlakele kubo ungabachacheli, kepha besaba ukumbuza ngayo.

Ngubani omkhulu kunabanye?

(Mat 18:1-5; Mark 9:33-37)

46Kwavela ukuphikisana phakathi kwabafundi, bebanga ubukhulu.

47UJesu wakuphawula ukuzindla kwezinhliziyo zabo, wathatha umntwana, wammisa eceleni kwakhe,

48wathi kubo: “Owemukela lomntwana ngenxa yami wemukela mina; lowo-ke ongemukelayo wemukela uNkulunkulu ongithumileyo. Lowo omncane kini nonke engelutho, nguye omkhulu.”

“Ongamelene nani uhambisana nani”

(Mark 9:38-40)

49UJohane wathi: “Nkosi, kade sibona umuntu ebiza igama lakho lapho ekhipha amadimoni. Sase siyamkhuza simvimba, ngoba engahambisani nathi.”

50UJesu wamphendula wathi: “Ningabomkhuza, ngoba lowo ongamelene nani uhambisana nani.”

Emzaneni oseSamariya benqaba ukwamukela uJesu

51Kwathi sekusondele izinsuku zokuba enyuselwe ezulwini, waqunga wabhekisa amabombo eJerusalema,

52wayesethumela izithunywa phambili. Zaya emzaneni kwelaseSamariya ukuba zimkhulekele isikhundla.

53Kepha abantu bakhona kabamamukelanga, ngoba ebabele eJerusalema.

54Abafundi bakhe oJakobe noJohane bakubona lokhu bathi: “Nkosi, uyathanda yini ukuba sibize umlilo ezulwini wehle ubaqothule na? ”

55Kepha waphenduka wabakhuza.

56Base bedlulela kwesinye isigodi.

Abaya kuJesu befisa ukumlandela

(Mat 8:19-22)

57Kwathi besahamba umuntu othile wathi kuye: “Ngiyokulandela nomaphi lapho uya khona.”

58UJesu waphendula wathi: “Izimpungushe zinemihume, nezinyoni zinezidleke, kepha iNdodana yesintu ayinandawo yokuthambeka uhlangothi iphumule.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

59Wayesethi komunye: “Ngilandele! ” Kepha waphendula wathi: “Bengicela ukuba ungivumele kengiyongcwaba ubaba kuqala! ”

60UJesu wathi: “Bayeke abafileyo bangcwabane bodwa, wena uhambe uyoshumayela umbuso kaNkulunkulu! ”

61Omunye wathi: “Ngizokulandela kodwa bengicela ukuba kengivalelise kwabasekhaya kuqala! ”

62UJesu wathi kuye: “Umuntu akawufanele umbuso kaNkulunkulu uma elokhu eqalaza emuva kanti usebambe igeja waqala ukulima.”

ULuka 10

UJesu uthuma abangamashumi ayisikhombisa nambili

1INkosi yabuye yakhetha abanye abangamashumi ayisikhombisa nambili. Yabathuma ngababili ukuba bayandulele, baye kuzo zonke izigodi nezindawo eyayihlose ukuya kuzo.

2Yathi kubo: “Isivuno sikhulu kepha abavuni bambalwa. Ngakhoke celani umniniso ukuba athumele izisebenzi ziye esivunweni sakhe!

3Hambani! Njengoba nginithuma nje nifana namawundlu ezimvu eya phakathi kwamankentshane.

4Ningaphathi sikhwama semali nesokwethekela nazicathulo! Ningachithi isikhathi ngokubingelela!

5Kulelo nalelokhaya enifika kulo anobingelela nithi: ‘E! Ukuthula lapha ekhaya! ’

6Uma kukhona lapho umuntu efanelwe yisibusiso sokuthula, lesisibusiso sokuthula enimcelela sona siyomehlela, kepha uma kungenjalo sobuyela kini.

7Hlalani kulelokhaya nidle niphuze lokho abanipha khona, ngoba kusifanele isisebenzi ukuba sivuzwe ngomsebenzi waso. Ningabophuma ningena amakhaya!

8Uma nifika endaweni benamukela, yidlani lokho abaniphakela khona,

9nelaphe abagulayo kuleyondawo nithi kubantu: ‘Sekuseduze ukuba uNkulunkulu amise umbuso wakhe phakathi kwenu.’

10Kodwa uma nifika endaweni benganamukeli, yanini emigwaqweni nithi:

11‘Lomuzi wenu siwuthuntuthela ngothuli lwezinyawo zethu imbala, kodwa hlalani nazi ukuthi uNkulunkulu usezomisa umbuso wakhe abuse.’

12Ngithi kini, mhla uMvelinqangi esehlulela okokugcina, abantu balomuzi bayojeziswa kanzima kunabantu baseSodoma.

Imizi engaphendukiyo
(Mat 11:20-24)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13“Maye we Khorazini! Maye we Bhetsayida! Ngoba lezizimanga ezenziwe kini,
ukuba zazenziwe eThire naseSidoni, abantu balapho ngabe baphenduka kudala,
bembatha amasaka, bazisola babhuquza othulini.

14Kuyothi mhla uMvelinqangi esewahlulela umhlaba abathambisele isigwebo
abaseThire naseSidoni kunokuba athambisele nina.

15Nawe Khaphenawume! Uthi kambe uyophakanyiselwa ezulwini na? Phinde,
uyokwehliselwa kwelabafileyo.”

16UJesu wayesethi kubafundi bakhe: “Lowo onizwayo, nami uyangizwa,
noniqhubukushayo uqhubukusha mina, kodwa ongiqhubukushayo uqhubukusha
uNkulunkulu ongithumileyo.”

Abangamashumi ayisikhombisa nambili babuyela kuJesu

17Abangamashumi ayisikhombisa nambili babuyela kuJesu beneme, bafike bathi:
“Nkosi, namadimoni ayasithobela lapho siphethe igama lakho.”

18Wabaphendula wathi: “Ngabona uSathane ewa ezulwini, ehla njengonyazi.

19Niyabona, ngininike igunya lokuba nidovadove ngezinyawo izinyoka nofezela,
ninqobe impi yonke kaSathane oyisitha; akukho okuyonilimaza.

20Kodwa ningakujabuleli ukuthi imimoya iyanithobela; jabulani ngoba amagama
enu abhalisiwe ezulwini! ”

UJesu ufikelwa ukujabula
(Mat 11:25-27; 13:16-17)

21UJesu wehlelwa uMoya oyiNgcwele ngaso lesosikhathi, wajabula kakhulu, wathi:
“Baba, wena obusa izulu nomhlaba! Ngiyakubonga ngiyakubabaza wena
ozifihlileyo lezizinto kwabahlakaniphileyo nabayizazi kepha wabambulela zona
labo abayizingane. Yebo Baba, kuthande wena ukuba kube njalo!

22“UBaba ukwethule konke esandleni sami. Akakho ngaphandle kukaYise owaziyo
ukuthi iNdodana ingubani. Akakho nowaziyo ukuthi uYise ungubani, ngaphandle
kweNdodana nalabo ethanda ukumambula kubo.”

23UJesu waphendukela kubafundi wakhuluma nabo bebodwa wathi: “Abusisiwe
amehlo abona lezizinto enizibona zenzeka.

24Ngiyanitshela impela, amakhosi nabaphrofethi abaningi basendulo babefisa
ukukubona lokhu enikubona kwenzeka, kepha kabakubonanga, bezwe nalokhu
enikuzwayo, kepha kabakuzwanga.”

Umzekeliso ngomSamariya onesihawu

25Isazimthetho esithile sazama ukuhila uJesu samsukela sathi: “Mfundisi, yini
okumele ngiyenze ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na? ”

26UJesu wasibuza wathi: “Ithini imibhalo engcwele? Uyilanda uthini imiyalo
kaNkulunkulu na? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Saphendula sathi: “ ‘Wothanda uSimakade uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke nangomphefumulo wakho wonke nangamandla akho onke nangengqondo yakho yonke; uthande umakhelwane wakho ngothando ozithanda ngalo.’ ”

28UJesu wayesethi kuso: “Ushaye khona! Kwenze-ke lokhu nce uphile! ”

29Nokho sasifuna ukuzihlanguza, ngakhoke sathi kuJesu: “Ngubani kanti umakhelwane wami na? ”

30UJesu waphendula wathi: “Indoda ethile yahamba, isuka eJerusalema yehlela eJerikho. Yazithela ezinswelaboyeni, zayihlubula, zayishaya zayishiya ulimi, zemuka yasala idindilizile.

31Kwase kwenzeka kwehla umphristi wadlula ngaleyondlela. Kodwa kwathi angayithi nhla indoda, wachezuka wedlula.

32NomLevi wenze njalo, kwathi angafika kuleyondawo wayibona indoda, naye wagwegwesa wedlula.

33Kepha kwaqhamuka umuntu waseSamariya ezihambela evela kude. Naye wazithela kuyo. Kwathi angayibona wafikelwa yisihe.

34Waya kuyo, wafike wagcoba amanxeba ayo ngamafutha newayini, wawabopha. Wayithwala ngembongolo yakhe, wayisa endlini yezihambi, wayigcina khona.

35Kwasa ngakusasa wakhokhela umninindlu ngezinhlamvu ezimbili zemali eyisiliva, wathi kuye: ‘Uze ungibhekele lendoda; uma ungena ezindlekweni ezingaphezu kwalemali, ngiyokukhokhela mhla ngibuyayo.’

36Ngokubona kwakho, yimuphi kulaba abathathu owaba ngumakhelwane walendoda eyazithela ezinswelaboyeni na? ”

37Saphendula isazimthetho sathi: “Yilowo owayihawukelayo.” UJesu wathi kuso: “Hamba-ke nawe wenze njalo! ”

UJesu uhambela uMata noMariya

38Wangena emzaneni othile ehamba nabafundi bakhe. Owesifazane othiwa nguMata wamngenisa kwabo.

39Wayenodadewabo othiwa nguMariya owahlala phansi eduze nezinyawo zeNkosi, walalela ikhuluma.

40Kepha uMata wayematasatasa esebenza endlini. Waya wema phambi kukaJesu wathi: “Nkosi, akukuthinti yini ukuthi udadewethu ungiyekelela ngedwa ngibulawe ngumsebenzi na? Mtshele azongelekelela! ”

41INkosi yayisimphendula ithi: “Mata, lalela lapha Mata! Uyazihlupha uzikhathaza ngezinto eziningi,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

42kodwa okudingekayo kunye vo. UMariya uzikhethele isabelo okuyisona sisihle. Ngeke asaphucwe muntu.”

ULuka 11

UJesu ufundisa ngomkhuleko

(Mat 6:9-15; 7:7-11)

1Ngelinye ilanga uJesu wayekhuleka endaweni ethile. Kuthe eseqedile, omunye kubafundi wathi: “Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengoba noJohane wafundisa abafundi bakhe! ”

2UJesu wathi kubo: “Uma nikhuleka anothi: “ ‘Baba, igama lakho aliphathwe ngobungcwele! Umbuso wakho awufike!

3Siphe ukudla okwaneleyo imihla ngemihla!

4Sithethelele izono zethu, ngoba nathi siyabathethelela bonke abasonayo. Ungasiholeli ekulingweni! ’ ”

5Wathi kubo: “Ake ngithi unomngane, ubusuya kuye kwesikabhadakazi ufike umngqongqozele uthi: ‘Mhlobo wami, ngisize ungenanele izinkwana ezintathu, ngizokubuyisela.

6Nakhu ngifikelwe ngumhlobo wami. Uyedlula, kepha manje kwami kukwadlulawafa.’

7Lowomngane akuphendule esendlini athi: ‘Musa ukungifundekela wena! Sengize ngavala nasemnyango, sesilele nabantwana, ngeke ngisavuka ngikwenanele.’

8Nizozwa-ke! Noma ebengezukuvuka akunike okudingayo njengoba ungumngane wakhe, nakanjani kodwa uyogcina esevukile akunike konke okhala ngakho, ngoba yilokhu umbelesele.

9Ngakhoke ngithi kini: Celani, yikhona niyophiwa! Funani, yikhona niyothola! Ngqongqothani, yikhona niyovulelwa!

10Ngoba yilowo nalowo ocelayo uyaphiwa, nofunayo uyathola, nongqongqothayo uyovulelwa.

11Wena baba ozeleyo! Uma indodana yakho ikucela inhlanzi, ungayinika yini inyoka, kodwa uyincishe inhlanzi na?

12Kumbe ikucele iqanda, wena uyinike ufezela na?

13Uma nina okuthi nibabi kangaka nikwazi kodwa ukupha abantabenu okubalungele, uBaba osezulwini uyobapha kangakanani-ke labo abacela kuye isiphiwo esinguMoya oyiNgcwele! ”

UJesu uchaza ngoBhelezabhule

(Mat 12:22-30; Mark 3:20-27)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14UJesu wake wakhipha idimoni eliyisimungulu. Lithe lingaphuma maqede
umuntu wakhuluma. Izixuku zamangala,

15kodwa abanye babo bagxibha bathi: “NguBhelezabhule inkosi yamadimoni
akhipha ngayo amadimoni.”

16Abanye babesophe ukumhila uJesu, base bethi akaveze isibonakaliso sokuthi
unegunya lasezulwini.

17Kodwa wayekwazi abakuzindlayo wayesethi: “Yilowo nalowombuso oqhekeka
ulwe wodwa uyokuwa, kudilikelane izindlu.

18Ngakhoke uma umbuso kaSathane ulwa wodwa, ungema kanjani na? Nina nithi
nguBhelezabhule engikhipha ngaye amadimoni.

19Uma ngabe kunguye engikhipha ngaye amadimoni, pho abalandeli benu bona
bawakhipha ngani na? Yibo asebenilahla ngecala.

20Kepha uma ngikhipha amadimoni ngomunwe kaNkulunkulu, kusho ukuthi
umbuso kaNkulunkulu usufikile kini.

21“Uma isiqhwaga sihlome saphelela silinde umuzi waso, izimpahla zaso
zilondekile.

22Kodwa uma kufika osehlulayo ngamandla asihlasele asinqobe, uyosephuca
izikhali ebesigabe ngazo, asiphange impahla ayabe.

23“Lowo ongahambisani nami umelene nami, nalowo ongangibuthisi uma ngiqoqa,
empeleni uyachitha.

Umoya omubi obuyela emuva
(Mat 12:43-45)

24“Kuthi ungaphuma kumuntu umoya ongcolileyo, ulibhekise ogwadule, uzule
ucinga indawo ongaphumula kuyo. Uma ungayitholi ubusuthi: ‘Ngizobuyela
emuva kulendlu engasuka kuyo! ’

25Ubusubuyela kuyo uyifice ishanelwe kahle.

26Uyasuka lapho ulande eminye imimoya eyisikhombisa emibi kunawo, ingene
yonke ihlale lapho. Ngasekugcineni lowomuntu onakalelwe kakhulu kunakuqala.”

Ukubusiseka kwempela

27Kuthe uJesu angasho lokhu, owesifazane esixukwini wamemeza wathi: “Siyadela
lesosisu owavundla kuso, abusisiwe namabele owawancelayo! ”

28UJesu waphendula wathi: “Yebo kunjalo, kepha okukhulu yilokhu ukuthi:
Babusisiwe abalizwayo izwi likaNkulunkulu, bakwenze elikushoyo.”

Isizukulwane esonakeleyo sifuna isibonakaliso
(Mat 12:38-42; Mark 8:12)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Abantu babuthana baya ngokwanda, uJesu wayesethi kubo: “Abantu balemihla
bayisizukulwane esonakeleyo. Bafuna isibonakaliso, kodwa kabazukhonjiswa
sibonakaliso ngaphandle kwalokho okwavelela umphrofethi uJona.

30Waba yisibonakaliso kubantu baseNiniva. Kanjalo futhi iNdodana yesintu iyoba
yisibonakaliso kubantu balemihla.

31Kuyothi mhla uMvelinqangi esewahlulela umhlaba, indlovukazi yakwaShebha
ivuke ekufeni kanye nesizukulwane salemihla, isibeke icala silahlwe. Ngoba
yasuka le kwamamangalahlwa yababela kuSolomoni iyocobela ubuhlakani, kodwa
ngithi, kukhona lukhulu kunoSolomoni lapha.

32NabaseNiniva bayovuka ekufeni kanye nesizukulwane salemihla mhla
uMvelinqangi esewahlulela umhlaba, basibeke icala silahlwe. Ngoba baphenduka
mhlazana beshunyayezwa nguJona, kodwa ngithi, kukhona lukhulu kunoJona
lapha.

Iso liyisibani somzimba
(Mat 5:15; 6:22-23)

33“Akukho muntu owokhela isibani abesesibeka engosini noma asisithe
ngomcengezi. Kepha uyaye asichwaneke endaweni ephakemeyo ukuba abangena
endlini babone ukukhanya.

34Iso lakho liyisibani esikhanyisela umzimba. Uma libona kugqame, umzimba
wonke usekukhanyeni, kepha uma uneso elibi, umzimba usuke usebumnyameni.

35Ngakhoke nakekela hleze lokho okukukhanyiselayo kuphenduke ubumnyama!

36Uma umzimba wakho wonke ukhanyiselwe kungekho ndawo kuwo
esebunyameni, uyokhanya nge kube sengathi ukhanyiswa yisibani esibhekiswe
kuwe.”

UJesu usola abafarisi nezazimthetho
(Mat 23:1-36; Mark 12:38-40; Luk 20:45-47)

37Kuthe esakhuluma, wamenywa ngumfarisi ukuba ayokudla kwakhe. Wangena
endlini wasondela etafuleni.

38Umfarisi wamangala ebona uJesu edla engahlambile.

39Kodwa iNkosi uJesu yathi kuye: “Nina bafarisi nigeza ingaphandle lezinkezo
nezitsha zokudlela, kanti ingaphakathi lenu ligcwele ukuhaha nokonakala.

40Ziwula! UMvelinqangi owadala ingaphandle akadalanga nengaphakathi na?

41Kodwa-ke yibani nesihe niphe abampofu okusezitsheni zenu, yikhona konke
konilungela kuhlanzeke.

42“Nakho kini bafarisi! Ninikela ngokweshumi kweziyoliso nemifino
enhlobonhlobo, kodwa anikunaki ukuhamba ngobuqotho nokuthanda
uNkulunkulu. Bekufanele nikwazise lokhu nikwenze, ningakuyeki-ke okunye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

43“Nakho kini bafarisi! Nithanda ukuhlala ezihlalweni eziphambili ezindlini zokusonta, nikhulekelwe embuthanweni.

44Nakho kini! Nifana namaliba angasabonakali, abantu abawanyathela bengawaboni.”

45Omunye wezazimthetho wathi kuye: “Mfundisi, phela uyaseyisa nathi uma ukhuluma kanje.”

46Waphendula wathi: “Nakho nakini zazimthetho! Imfundiso yenu iyimithwalo enzima eniyethwesa abantu, kepha nina nibe ningazihluphi nakancane nje ngokubathwalisa.

47Nakho kini! Nibeka amatshe emadlinzeni abaphrofethi, bona kanye laba ababulawa ngokhokho benu.

48Ngalokho nifakazela izenzo zokhokho benu ukuthi niyavumelana nazo. Babulala abaphrofethi, nina-ke senibeka amatshe emadlinzeni abo.

49Ngakhoke wayesesho lowo oyinhlakanipho kaNkulunkulu wathi: ‘Ngiyobathumela izinceku zami, abaphrofethi nabaphostoli. Ezinye zazo bayozibulala, ezinye bazihluphe.’

50Igazi labo bonke abaphrofethi eselachithwa kusukela mhla kudabuka umhlaba, liyobuzwa kulesisizukulwane,

51kuqale ngelika-Abela kuze kufike kwelikaZakariya owabulawelwa egcekeni eliphakathi kwelathi nethempeli. Impela ngithi kini, liyobuzwa nakanjani kulesisizukulwane.

52“Nakho kini zazimthetho! Ninqohe nesihluthulelo senqolobane yolwazi. Kwanina aningenanga, kanti nalabo ababethanda ukungena nibavimbele.”

53Wasuka lapho, izazimibhalo nabafarisi base beqala bemphatha ngonya. Bamgeqa ngemibuzo eminingi,

54besophe ukumhila khona bezoba nezaba zokumbeka icala.

ULuka 12

UJesu uxwayisa ngokuzenzisa

(Mat 10:26-27; 16:6; Mark 8:15)

1Kwabuthana uquqaba lwabantu baze banyathelana. UJesu washo kubo, eqondise ikakhulu kubafundi bakhe wathi: “Xwayani imvubelo yabafarisi engukuzenzisa.

2Konke okusithakeleyo kuyovezwa obala, nokufihlakeleyo kuyokwaziwa.

3Ngakhoke konke enakukhuluma ebumnyameni kuyovela obala, nalokho enikuhlebele umuntu endlebeni ngasese kuyoduma zonke izihosha.

Ofanele ukwesatshwa

(Mat 10:28-31)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4“Lalelani lapha bangane bami! Ningabesabi laba ababulala umzimba,
bengenakwenza lutho olunye ngaphandle kwalokho.

5Ngizonibonisa ukuthi kufanele nesabe bani. Mesabeni uNkulunkulu okuthi
esembulele umuntu abuye abe negunya lokumphosa esihogweni. Impela, ngithi
kini: Mesabeni uNkulunkulu!

6“Kanti imizwilili emihlanu ayithengiswa yini ngamasenti amabili? Nokho
uMvelinqangi akawukhohlwa ngisho nowodwa wayo.

7Wazi ngisho nesibalo sezinwele emakhanda enu ukuthi singakanani. Ngakhoke
yimani isibindi ningesabi! Nina niyigugu nedlula intengo yomhlambi wemizwilili.

Ukuvuma uKristu phambi kwabantu

(Mat 10:32-33; 12:32; 10:19-20)

8“Ngithi-ke kini, uma umuntu evuma phambi kwabantu ukuthi ungowami,
iNdodana yesintu iyomvuma phambi kwezingilosi zikaNkulunkulu.

9Kepha ongiphika phambi kwabantu naye uyophikwa phambi kwezingilosi
zikaNkulunkulu.

10“Yilowo nalowo okhuluma okuphambene neNdodana yesintu uyothethelelwa,
kodwa ohlambalaza uMoya oyiNgcwele kayikuthethelelwa.

11“Uma benihudulela emasinagogeni naphambi kwababusi neziphathimandla,
ningazikhathazi ngokuthi kazi niyoziphendulela kanjani nithini.

12UMoya oyiNgcwele uyonifunza ngalowomzuzu amazwi eniyowasho.”

Umzekeliso ngesicebi esiyisithutha

13Kwakukhona umuntu esixukwini owathi kuye: “Mfundisi, tshela umfowethu
ukuba ahlukaniselane nami ifa! ”

14Waphendula wathi: “Ngubani ongimise ukuba ngahlulele kumbe ngabe ifa
lakwenu na? ”

15Wabuye wathi kubo bonke: “Qaphelani ningahahi, ngoba ukuphila komuntu
okuyikhonakhona akuyi ngobuningi bengcebo yakhe.”

16Wayesebaxoxela umzekeliso wathi: “Isicebi esithile savuna ukudla okuningi
emhlabathini waso.

17Sazindla sathi: ‘Anginandawo eyanele yokugcina isivuno sami. Pho ngizokwenze
njani? ’

18Sase sithi: ‘Ngizokwenze nje! Ngizodiliza izinqolobane zami, ngakhe ezinkulu
kunazo, ukuze ngilondoloze kuzo konke ukudla nezimpahla zami.

19Bese ngitshela inhliziyo yami ngithi: Wena usubekelele izimpahla eziningi
eziyokwanela iminyakanyaka. Sale usuhlala phansi, udle uphuze ubuse! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Kodwa uNkulunkulu wathi kuso: ‘Sithuthandini! Uzokufa ngabo lobubusuku. Ziyokuba ngezikabani zonke lezizimpahla osuziqongelele na? ’ ”

21UJesu wagcina ngokuthi: “Sinjalo-ke isiphetho somuntu onqwabela ingcebo kodwa ebe engacebile ngokukaNkulunkulu.”

Ukukhathalela nokukhathazeka
(Mat 6:25-34)

22Wayesethi kubafundi bakhe: “Ngakhoke ngithi kini: Ningazikhathazi ngokuthi niyokuthathaphi ukudla eniyophila ngakho nezingubo eniyozembatha!

23Ukuphila kukhulu kunokudla, nomzimba wedlula izingubo.

24Ake nibheke nje! Amagwababa kawalimi, kawavuni, kawanazilulu nazinqolobane; nokho uyawondla uMvelinqangi. Nina niyigugu elingakanani pho, nedlula izinyoni!

25Ngubani phakathi kwenu okungathi ngokuzikhathaza kwakhe athasisele usuku olulodwa eminyakeni yokuphila kwakhe na?

26Njengoba ningenamandla okwenza into ewubala kangaka, pho nizihluphelani ngokunye na?

27Ake nibheke nje nansi iminduze yasendle ikhula! Kayizikhandli izithungele izembatho, kodwa ngiyanitshela impela, ngisho noSolomoni inkosi eyayevatha ezibukhazikhazi, kayivunulanga ngisho nanjengomnduze owodwa uqhakazile.

28UMvelinqangi unakekela utshani abuhlobise abehlule, lobutshani obuhluma endle namuhla kanti buzobuye buphoswe eziko bushe ngakusasa. Akayikuninakekela kakhulu kunalokho anembese, nina eninokukholwa okuncane na?

29Ningalokhu nikhathalele ukuthi niyodlani niphuzeni, ningakhathazeki!

30Abezizwe abangakholwayo balomhlaba bayazikhathaza ngalokho, kanti-ke nina ninoYihlo ezulwini owaziyo ukuthi niyazidinga lezozinto.

31Kunalokho, funani umbuso kaNkulunkulu, yikhona-ke eyonipha nalezozinto.

Ingcebo esezulwini
(Mat 6:19-21)

32“Nina mhlambi wami omncane, yimani isibindi ningesabi! Kuyintando kaYihlo ukuba umbuso wakhe ube ngowenu.

33Thengisani ngeninakho, nabele abampofu! Zihlinzekeni ngezikhwama zemali eziqinileyo ezingagugiyo, nibe nengcebo engapheliyo ezulwini, lapho kungafinyeleli sela khona, kungoni nundu khona.

34Ngoba lapho nigcine khona ingcebo yenu, nenhliziyo yenu iyoba lapho.

Izisebenzi ezihlala zilindile

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35“Hlalani niqaphile, izinkalo zenu ziboshiwe nezibani zenu zikhanya!

36Yibani njengezisebenzi ezilindele inkosi yazo ezobuya emsindweni, ziyivulele ngokushesha lapho ifika ingqongqoza.

37Ziyadela lezozisebenzi eziyoficwa yinkosi yazo zingalele zilindile mhla ifika. Ngiyaqinisa impela ngithi, iyokhumula isembatho ifingqe imikhono ihlalise izisebenzi zayo etafuleni iziphakele.

38Ziyadela lezozisebenzi inkosi yazo eyozifica zilindile, noma kukwesikabhadakazi noma kusentathakusa.

39Kuhle nazi ukuthi: ukuba umninindlu ubesazi isikhathi isela eliyofika ngaso, ubengeyekelele ligqekeze indlu yakhe.

40Nani-ke hlalani nilindile, ngoba iNdodana yesintu iyofika ngesikhathi eningayibhekile ngaso.”

Inceku ethembekile nengathembekile

(Mat 24:45-51)

41UPhetro wathi: “Nkosi, lomzekeliso uwubhekise kithi noma kubantu bonke na? ”

42INkosi uJesu yaphendula yathi: “Ngubani oyinceku ethembekileyo nehlakaniphileyo, inkosi yayo eyoyibeka induna yomuzi wayo, ukuba yabele izisebenzi ukudla ngesikhathi esifaneleyo na?

43Iyadela leyonceku uma inkosi yayo iyoyifica isaqhuba kahle.

44Ngiyaqinisa impela ngithi, iyoyibeka induna phezu kwakho konke enakho.

45Kepha uma leyonceku ifikelwa ngumcabango wokuthi; ‘Hhiya, inkosi yami izolibala, iphuze ukufika,’ ibisishaya izisebenzi zesilisa nezesifazane, ilibale ukudla nokuphuza utshwala, idakwe,

46inkosi yayo iyofika ngolunye usuku, inceku ingazelele, ngesikhathi engasaziyo, iyijezise kanzima, iyilahle nabangakholwayo.

47“Inceku okuthi yazi ukuthi inkosi ifunani kepha ingaqikeleli ukulalela, iyoshaywa imivimbo eminingi.

48Kepha leyo okuthi ngokungazi kwayo yenze lokho okuzoyibangela isijeziso, iyoshaywa imivimbo embalwa. Kuyobizwa okuningi kulowo owabelwe okuningi, kubhekwe okuningi kakhulu kulowo ophiwe okuningi kakhulu.

UJesu ubanga ukwahlukana

(Mat 10:34-36)

49“Ngize ukuba ngithungele umlilo emhlabeni; ngifisa sengathi ngabe usuyavutha!

50Kukhona umbhabhadiso engizobhabhadiswa ngawo; ngaphambi kokuba lokhu kufezeke ngisalokhu ngiyaluza emoyeni wami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

51Kambe nithi ngilapha nje ngilethe ukuthula emhlabeni na? Phinde! Kepha ngeza lapha ukuba ngidale ukwahlukana.

52Kusukela manje umuzi onabantu abahlanu uyokwahlukana, abathathu bamelane nababili, ababili bamelane nabathathu.

53Bayokwahlukana, kumelane uyise nendodana, indodana noyise, unina nendodakazi, indodakazi nonina, uninazala nomalokazana, umalokazana noninazala.”

Ukuqonda izibonakaliso zezikhathi

(Mat 16:2-3)

54Wabuye wathi kubantu: “Uma nibona libuyisa umzansi nisheshe nithi: ‘Hhawu! Lizokuna,’ nempela line.

55Uma nibona inyanga ibheke phezulu , nithi: ‘Lizobalela nasebukhweni bezinja,’ nempela kube njalo.

56Bazenzisindini! Niyakwazi ukufunda izimpawu ezibonakala emhlabeni nasesibhakabhakeni; pho nehlulwa yini ukuqonda izibonakaliso zalemihla na?

Buyisana noxabene naye!

(Mat 5:25-26)

57“Kwenziwa yini ukuba ningakuboni okufanele ukuba nikwenze na?

58Uma umuntu ekumangalela, mncenge nibuyisane naye nisesendleleni nisabheke enkosini, angaze akufake emthethweni kumahluleli, umahluleli akunikele esikhonzini sikubophe.

59Ngithi kuwe, uyoboshwa uze uyikhokhe yonke inhlawulo ngisho nesenti layo.”

ULuka 13

Ongaphenduki uyobhubha

1Kuthe ngalesosikhathi kwafika abantu bamlandisa ngabaseGalile ababebulewe nguPilatu ngenkathi bethula iminikelo yabo ethempelini; igazi labo laxutshwa negazi lemihlatshelo yabo.

2Wabaphendula wathi: “Nibona ukuthi lababantu behlelwe yilokhu ngoba beyizoni ezinkulu ukwedlula abanye abantu baseGalile na?

3Akunjalo nginitshele, kodwa uma ningaphenduki niyobhubha nonke njengabo.

4Nalaba abayishumi nesishiyagalombili abadilikelwa umbhoshongo waseSilowama wababulala, nibona ukuthi babeyizoni ezinkulu ukwedlula bonke abantu baseJerusalema na?

5Ngiyanitshela ngithi akunjalo, kodwa uma ningaphenduki niyofa nonke njengabo.”

Umzekeliso womkhiwane ongatheli

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Wabalandisa lomzekeliso: “Umuntu wayetshale umkhiwane esivinini sakhe. Waya kuwo efuna amakhiwane, kodwa wangawathola.

7Wathi esisebenzini esilima isivini: ‘Uyabona nje ukuthi sekuphele iminyaka emithathu ngilokhu ngiza kulesisihlahla ngifuna amakhiwane, kepha ngingawatholi. Ugawule! Yini ubelokhu ugugisa inhlabathi lomuthi? ’

8Siphendule sithi: ‘Mnumzane, uyeke ungawugawuli nonyaka! Ngizowuhlakulela ngimbe ngasesiqwini sawo, ngifake umquba.

9Hleze uthele ngonyaka ozayo. Uma ungatheli, kulapho-ke usungasho uthi angiwugawule.’ ”

Owesifazane ogula ngeqolo uphiliswa kuyisabatha

10Wayefundisa kwelinye lamasinagoge kuyisabatha.

11Kwakukhona owesifazane owayephethwe umoya omubi usumgulise iminyaka eyishumi nesishiyagalombili. Wayeseluqhoshwana engasakwazi ngisho nokuma aqonde.

12Kuthe uJesu angambona, wammemeza wathi akeze kuye, wayesethi: “Mame, usuphilisiwe esifweni sakho.”

13Wambeka izandla; walulama ngaso lesosikhathi owesifazane, wadumisa uNkulunkulu.

14Umphathi wesinagoge wayeseyacasuka ngoba uJesu ephilisa kuyisabatha, esethi kubantu: “Kukhona izinsuku eziyisithupha okufanele sisebenze ngazo. Anokuza niphiliswe ngalezonsuku, kungabi ngosuku lwesabatha! ”

15INkosi uJesu yamphendula yathi: “Wo! Nina bazenzisi! Ukhona yini phakathi kwenu ongathi yena akayikhiphi inkabi noma imbongolo yakhe esibayeni, ayiqhube ayiphuzise ngisho kuyisabatha na?

16Ake nibheke nangu owesifazane ongowozalo luka-Abhrahama! Useboshwe nguSathane iminyaka eyishumi nesiphohlongo. Bekungafanele yini ukuba akhishwe ebugqilini besifo sakhe ngosuku lwesabatha na? ”

17Kuthe ukuba abaphendule kanje, bafikelwa ngamahloni labo ababemelene naye. Izixuku zajabula ngemisebenzi yonke emangalisayo ayenzayo.

Umzekeliso wohlamvana lwesihlahla sikamasitadi

(Mat 13:31-32; Mark 4:30-32)

18Wayesethi-ke: “Uyinto enjani umbuso kaNkulunkulu na? Singawufanisa nani nje?

19Unjengohlamvana lwesihlahla sikamasitadi oluthathwa ngumuntu alutshale esivandeni sakhe. Isithombo sikhula sibe yisihlahla, izinyoni zize zakhele izidleke emagatsheni aso.”

Umzekeliso ngemvubelo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 13:33)

20Wabuye wathi: “Umbuso kaNkulunkulu ngingawufanisa nani na?

21Unjengemvubelo ethathwa ngowesifazane, ayifake empushini yemicengezi emithathu emikhulu, ayixove, lemvubelo ibilise inhlama ize ikhukhumale yonke.”

Umnyango ongumngcingo

(Mat 7:13-14,21-23)

22UJesu waguduza izigodi nezigojana, ehamba efundisa elibhekise eJerusalema.

23Wabuzwa umuntu wathi: “Nkosi, kanti bambalwa yini abasindiswayo na? ” Wathi kubo:

24“Fuzulani ningene ngomnyango ongumngcingo! Ngithi kini, baningi abayozama ukungena kodwa behluleke.

25“Kuyothi umninindlu angasuka avale emnyango, nifike nime ngaphandle ningqongqoze nithi: ‘Nkosi, sivulele! ’ Abesephendula athi: ‘Anginazi lapho nivela khona.’

26Niphendule-ke nithi: ‘Yithi esasidla siphuza nawe; wawufundisa ezigodini zakithi.’

27Kodwa uyophinda aniphendule athi: ‘Anginazi lapho nivela khona. Dedani nonke lapha lezizigilamkhuba! ’

28Niyokhala nigedle amazinyo nxa senibona oAbhrahama noIsaka noJakobe nabaphrofethi bonke besembusweni kaNkulunkulu kodwa nina nibe nikhishelwe ngaphandle.

29Abantu bayoqhamuka empumalanga nasentshonalanga, eningizimu nasenyakatho, bangene embusweni kaNkulunkulu bahlale badle.

30Niyabona, abangabokugcina bayoba ngabokuqala, kanti abokuqala bayoba ngabokugcina.”

UJesu ulilela iJerusalema

(Mat 23:37-39)

31Kwasuka ngaso lesosikhathi abanye abafarisi abathile baya kuJesu bafike bathi kuye: “Phuma uphele kulendawo, ngoba inkosi uHerodi ifuna ukukubulala.”

32Wabaphendula wathi: “Hambani nitshele leyompungushe ukuthi ngisakhipha amadimoni, ngiphilise abagulayo namuhla nangomuso, umsebenzi wami ngize ngiwuqede ngomhlomunye.

33Nokho-ke, kumele ngiqhubeke nohambo lwami namuhla nangomuso nangomhlomunye, ngoba eJerusalema kulapho umphrofethi efanele ukubulawelwa khona, kungabi kwenye indawo.

34“Jerusalema, we Jerusalema! Ubulala abaphrofethi ubakhanda ngamatshe abathunyelwe nguNkulunkulu kuwe. Kukangaki nje ngilokhu ngilangazelela

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ukuqoqa abantu bakho ngibakhoselise, njengesikhukhukazi sikhoselisa amatshwele phansi kwamaphiko aso, kodwa anivumanga.

35Ngakhoke seniyozibonela nina, umuzi wenu ufulathelwe. Ngithi kini, aniyuphinde ningibone kuze kube ngamhla nithi: “ ‘Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi abayibika ukuthi iyeza! ’ ”

ULuka 14

UJesu uphilisa umuntu onesikhukhukhu

1Wahamba ngelinye isabatha waya kokudla kwamfarisi owayeyisigele. Kunabantu ababemqaphele.

2Nango-ke umuntu ephethwe yisikhukhukhu esesondela kuye.

3UJesu abesebuza izazimibhalo nabafarisi athi: “Umthetho uyavuma yini ukuba kuphiliswe kuyisabatha, noma akuvunyiwe na? ”

4Kepha bawuhlaba inhlali nje. Wayesethinta isiguli ngesandla, saphila, wasidedela sahamba.

5Wathi kubo: “Ngubani phakathi kwenu okungathi uma indodana noma inkabi yakhe ikhalakathela esizibeni, angayiphuthumi ayikhiphe noma kuyisabatha na? ”

6Behluleka ukumphendula kulokho.

Okufanele kwenziwe yizimenywa nangummemi

7Kwathi lapho ebona abamenyiweyo beziqokela izihlalo eziphambili, wabaxoxela umzekeliso wathi:

8“Uma umenywe emshadweni, ungahlali esihlalweni esiphambili, ngoba hleze kungene isimenywa esihlonishwa ngaphezu kwakho,

9lowo onimemileyo nobabili abesethi kuwe: ‘Deda kuhlale lo! ’ Usuyoba namahloni lapho usuyohlala endaweni esemuva.

10Kodwa uma umenyiwe, ngena uye endaweni esemuva, yikhona okumemileyo ezokuza kuwe athi: ‘Mhlobo wami, woza uzohlala ngaphambili! ’ Yikhona uyohlonipheka sebekubuka bonke omenywe nabo.

11Ngoba yilowo nalowo oziphakamisayo uyothotshiswa, kanti lowo ozithobayo uyophakanyiswa.”

12Wathi kommemileyo: “Uma unedili emini noma kusihlwa, ungabamemi abangane bakho nabafowenu nomndeni nomakhelwane abayizicebi, ingaze babuye bakumeme nawe, ngaleyondlela uthole umvuzo wakho.

13Kodwa uma uhlabile, mema abampofu nabakhubazekileyo nezinyonga nezimpumputhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Yikhona-ke uyobusiseka ngoba bengeke bakukhokhela. Uyothola umvuzo mhla
abalungileyo bevuswa ekufeni."

Umzekeliso wedili elikhulu
(Mat 22:1-10)

15Omunye walabo ababedla naye wakuzwa lokhu wathi: "Ubusisiwe lowo
oyomenywa aye edilini lombuso kaNkulunkulu! "

16UJesu wathi kuye: "Umuntu wazenzela isiphihli sedili, wakhipha isimemo.

17Kwathi kungalunga konke wathumela inceku kwabamenyiweyo ukuba ifike ithi:
'Wozani edilini, sekulungile konke! '

18Kepha baxolisa bonke, yilowo nalowo ebeka izaba zakhe. Owokuqala wathi:
'Ngithenge indawo, kumele ngihambe ngiyoyihlola. Uze ungixolisele impela,
angiphumeleli! '

19Omunye wathi: 'Ngithenge iqambi lezinkabi eziyishumi, ngisazolinga
ukuzibophela. Uze ungixolisele impela, angizukuphumelela! '

20Omunye-ke wathi: 'Kade ngisinelwa zolo lokhu, ngakhoke ngiyehluleka ukuya
edilini.'

21Inceku yabuyela emuva, yafike yabikela umnumzane lawomagama.
Wathukuthela wabila wathi kuyo: 'Phuthuma emigwaqweni nasemihubheni
yomuzi, ulande abampofu nabakhubazekileyo nezimpumputhe nezinyonga,
ubalethe lapha! '

22Inceku yabuya, yafike yathi: 'Mnumzane, sengikwenzile lokho obungithume
khona, kepha isekhona indawo.'

23Umnumzane wayesethi encekwini: 'Phuma uye emigwaqweni nasezindleleni
emaphandleni, ufike ubagqogqe obaficayo lapho ukuba beze, ukuze indlu yami
igcwale!

24Impela ngithi kini, bonke labo ababemenyiwe ngeke bakuthi mbibi ukudla
kwedili lami.' "

Kubizani ukuba ngumlandeli kaJesu
(Mat 10:37-38)

25Kwakunezixuku zabantu ababehamba noJesu, wayesephendukela kubo ethi:

26"Umuntu oza kimi angebe ngumlandeli wami uma engemdele uyise nonina
nomkakhe nabantabakhe nabafowabo nodadewabo, ngisho nempilo yakhe.

27Lowo ongetshathi isiphambano sakhe angilandele angebe ngumfundi wami.

28Uma uqonde ukwakha isithabathaba sendlu, kawuqali yini uhlolisise zonke
izindleko ezizodaleka, ubusuzibuza ukuthi unayo yini imali eyaneleyo yokwakha
uqede na?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Uma ungakwenzi lokhu, hleze kuthi lapho usubeke isisekelo wehluleke ukwakha. Bese bekubhinqa bonke abakubonayo lokhu,

30bathi: ‘Hhoshi, ake nimbheke lomuntu! Waqala ukwakha, kodwa wehluleka ukuyiqedela indlu.’

31Uma inkosi izobhekana nenye empini, kayiqali yini idle amathambo ekhanda, izibuze ukuthi kungayilungela yini ukuhlasela ngamabutho ayizinkulungwane eziyishumi lapho ihlangabezana nabafo abeza nezinkulungwane ezingamashumi amabili.

32Uma kungenjalo iyothumela amanxusa nemikhonzo kubafo, ithele kubo besekude.

33Kanjalo-ke akukho muntu phakathi kwenu ongaba ngumfundi wami uma engadeli konke anakho.

Usawoti ophuphile
(Mat 5:13; Mark 9:50)

34“Usawoti uyisinongo esiyolisayo, kepha uma usuyisiphusha, ukukhalipha kwawo kuyovuselelwa ngani na?

35Awusafanele ukuba usetshenziswe emasimini nasemqubeni imbala, kodwa uyachithwa. Onendlebe akezwe engikushoyo! ”

ULuka 15

Umzekeliso wemvu elahlekileyo
(Mat 18:12-14)

1Abathelisi nezoni babelokhu beya kuJesu beyomuzwa bonke.

2Abafarisi nezazimibhalo bakhononda ngalokho bathi: “Lomuntu wemukela izoni aze adlelane nazo imbala.”

3UJesu wabalandisa lomzekeliso wathi:

4“Uma omunye kini enezimvu eziyikhulu bese kweduka eyodwa kuzo, akazishiyi edlelweni yini zonke lezi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, ahambe ayofuna lena elahlekileyo aze ayithole na?

5Athi angayithola ayetshathe ejabula.

6Ubuyela nayo ekhaya, ameme izihlobo nomakhelwane, athi kubo: ‘Ngibongeleni bakwethu, ngoba sengiyitholile imvu yami ebilahlekile! ’

7Ngithi kini, ngokunjalo kuyothokozwa kakhulu ezulwini ngesoni esisodwa esiphendukayo, ukuthokoza kwakhona kube ngaphezu kokuthokozela abalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abazibona bengakudingi ukuphenduka.

Umzekeliso wohlamvu lwemali

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8“Uma owesifazane enezinhlamvu eziyishumi zemali eyisiliva bese kweduka olulodwa kuzo, akokheli isibani yini ashanele indlu, alubhudule aze aluthole na?

9Athi angaluthola ameme izihlobo nomakhelwane, athi kubo: ‘Ngibongeleni bo, ngoba sengilutholile uhlamvu lwesiliva obelungedukele! ’

10Ngithi kini, zithokoza kanjalo-ke izingilosi zikaNkulunkulu ngesoni esisodwa esiphendukayo.”

Umzekeliso ngendodana eyayibhungukile

11Waqhubeka wathi: “Kukhona umuntu owayenamadodana amabili.

12Encane yathi kuyise: ‘Baba, ngabele ifa lami! ’ Nempela uyise wawehlukanisela ifa amadodana.

13Akubanga nsuku ngaki, indodana encane yaqoqa konke okwakungokwayo, yathola ngakho imali, yashaya yachitha yaya kwelikude. Yafika lapho, yasaphaza ifa layo ekonakaleni.

14Yaligumuza yalishaya yalibhuqa nya. Kwaze kwafika umadlantule wendlala kulelozwe, yalamba.

15Yasuka yaqashwa yisakhamuzi kulelozwe. Sayithumela endle ukuba iyokwelusa izingulube.

16Yafisa sengathi ingashaya esibomvu ngokudla okuphakelwa izingulube, kepha kayikuphiwanga muntu.

17Yayisibuya ingqondo, kwasa ngokunye, yathi: ‘Ziningi kangakanani pho izisebenzi zikababa ngisho nezibamba itoho ezidla ukudla zize zikubuke, kepha mina ngibulawa yindlala lapha.

18Ngizosuka ngiye kubaba ngifike ngithi: Baba nginecala, ngonile kuNkulunkulu ngona nakuwe.

19Angisafanele ukuba kuthiwe ngiyindodana yakho. Sale usungenza isisebenzi sakho kanye nalezo ezibamba itoho! ’

20Yayisisuka njalo isibuyela kuyise. “Kuthe isekude nekhaya uyise wayibona, wafikelwa yisihe. Wagijima wayihlangabeza, wafike wayigona wayanga.

21Yayisithi kuye: ‘Baba nginecala, ngonile kuNkulunkulu ngona nakuwe. Angisafanele ukuba kuthiwe ngiyindodana yakho.’

22Kepha uyise wathi ezincekwini zakhe: ‘Sheshani nilethe ingubo yakwanokusho nimembathise, nimfake indandatho nezicathulo!

23Bese nikhetha ithole elikhulupheleyo, nilihlabe sidle sibuse.

24Ngoba lendodana yami ibifile, manje isiyaphila. Ibilahlekile, kodwa isitholakele.’ Base bebusa-ke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25“Indodana enkulu yayingekho, isemasimini. Ekubuyeni kwayo, isisondele ngasekhaya, yezwa kuhlatshelelwa kusinwa.

26Yayisibiza enye yezinceku, yayibuza ukuthi ngabe kwenze njani.

27Inceku yaphendula yathi: ‘Phela umnawakho ubuyile, uyihlo wayesemhlabisa ithole elikhulupheleyo, ebonga ukubuyela kwakhe ekhaya esaphila.’

28Yathukuthela indodana enkulu, yenqaba ukungena endlini. Uyise waphuma wayincenga ukuba ingene.

29Kepha yathi kuyise: ‘Awubheke! Yonke leminyaka ngikusebenzela, angikaze ngeqe nowodwa umthetho wakho. Nokho awuzange ungihlabele ngisho izinyane lodwa leli, ukuba ngidle ngibuse nezihlobo zami.

30Kodwa lendodana yakho yalishaya yalibhuqa ifa lakho ilidla nezindindwa. Njengoba isibuyile-ke manje, usuyihlabisa ithole elikhulupheleyo! ’

31Uyise wayiphendula wathi: ‘Mntanami! Ngihlala nawe lapha, konke okwami kungokwakho.

32Kepha bekufanele sibuse sijabule, ngoba lomfowenu ubefile, manje useyaphila; ubelahlekile, kodwa usetholakele.’ ”

ULuka 16

Umzekeliso ngenceku engathembekile

1Wabuye wathi kubafundi bakhe: “Kukhona isicebi esasisetshenzelwa yinduna. Yamangalelwa kwathiwa ikhwabanisa impahla yaso.

2Sayibiza sathi kuyo: ‘Yini lena engiyizwa ngawe na? Ngilandise ngomsebenzi wakho wokuphatha, ngoba ngeke usaqhubeka nokuphatha.’

3Yacabanga yathi: ‘Ngizoshonaphi njengoba inkosi yami ingixosha emsebenzini wokuphatha na? Anginamandla okugqoma, nginamahloni okuhamba nginxiba.

4Nakhu-ke engizokwenza ukuba abantu bangingenise emizini yabo mhla ngaxoshwa ebuduneni bami! ’

5Yayisibabiza ngamunye labo ababenecala lokungamkhokheli umnumzane, yathi kowokuqala: ‘Bekufanele umkhokhele okungakanani umnumzane na? ’

6Waphendula wathi: ‘Imiphongolo yamafutha eyikhulu.’ Yathi kuye: ‘Thatha nansi incwadi yecala lakho, uhlale phansi njengamanje ulobe ukuthi unecala lemiphongolo engamashumi ayisihlanu! ’

7Yayisithi komunye: ‘Wena-ke kufanele ukhokhe into engakanani na? ’ Wathi: ‘Amasaka kakolweni ayikhulu.’ Yathi kuye: ‘Thatha nansi incwadi yecala lakho, ulobe ukuthi unecala lamashumi ayisishiyagalombili! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Umnumzane wayibabaza lenduna engathembekile, njengalokhu yayikhombise ubuhlakani. Phela abantu balomhlaba bahlakaniphile ekwenzeni kwabo kunabantu bokukhanya.

9“Ngithi kini, sebenzisani ingcebo yalomhlaba ongalungile, nizitholele ngayo abangane okuyothi mhla isiphelile banamukele ekhaya lasezulwini.

10Lowo owethembekile ezintweni ezincane wethembekile nakwezinkulu; ongathembekile ezintweni ezincane kathembekile nakwezinkulu.

11Uma ningethembeki mayelana nengcebo yalomhlaba ongalungile, ngubani ongase anethembe aninike ingcebo eyonayona na?

12Uma ningethembeki kokwabanye, ngubani oyoninika lokho okungokwenu na?

13“Akukho nceku engakhonza amakhosi amabili. Kuphakathi kokuba izonde enye ithande enye, noma ibambelele kwenye, enye iyeyise. Ningekhonze uNkulunkulu kanye noMamona.”

Umthetho nombuso kaNkulunkulu

(Mat 11:12-13)

14Abafarisi bamuzwa ekusho konke lokho, base bemklolodela, ngoba babeyikhonze kabi imali.

15Wathi kubo: “Yinina kanye enizishaya abalungileyo phambi kwabantu, kepha uMvelinqangi uyakwazi okusezinhliziyweni zenu. Ngoba lokho okutuseka kubantu kuyisinengiso phambi kukaNkulunkulu.

16“Umthetho kaMose nemibhalo yabaphrofethi kwasebenza kwaze kwaba yinkathi kaJohane umbhabhadisi. Kusukela kuleyonkathi yilokhu kushunyayelwa izindaba ezithokozisayo ngombuso kaNkulunkulu; yilowo nalowo uyafuzula ukuba angene kulombuso.

17Kepha kulula ukuba kudlule izulu nomhlaba kunokuba kusuke ichashazana nje likangwaqa elilotshwe emthethweni.

UJesu ufundisa ngesehlukaniso

(Mat 5:31-32; 19:9; Mark 10:11-12)

18“Indoda echitha umkayo ibisiganwa ngomunye, iyaphinga. Nendoda eganwa ngowesifazane owahlukanisile, iyaphinga.

Isicebi noLazaru

19“Kukhona injinga eyayigqoka izingubo zakwanokusho ezibukhwebezane, izitika imihla ngemihla, ikhomba ngophakathi.

20Kodwa ngasesangweni lomuzi wayo kwakulele ihlwempu okuthiwa nguLazaru, umzimba walo uphihlike izilonda.

21Lalilangazelela ukudla imvuthuluka ewa esithebeni sesicebi. Nezinja imbala zazifike zilikhothe izilonda ezazichicha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Lelihlwempu lafa; izingilosi zalithwala zafike zalihlalisa noAbhrahama edilini. Sase siyafa naso isicebi, sangcwatshwa.

23Kwathi lapho sesisezweni labafileyo siphethwe yizinhlungu ezinkulu, senyusa amehlo sabona uAbhrahama kude laphaya ehlezi noLazaru.

24Samemeza sathi: ‘Baba Abhrahama, ngihawukele! Thuma uLazaru ukuba agcobhoze isihloko somunwe wakhe emanzini afike apholise ulimi lwami, ngoba sengifile yizinhlungu kulomlilo.’

25Kodwa uAbhrahama wathi: ‘Ndodana, khumbula ukuthi wawutamuza umbuso emhlabeni, kepha uLazaru ehlupheka engenalutho. Manje useyathokoza lapha, kepha wena usuyahlupheka.

26Nangaphandle kwalokho kukhona igebe elikhulu phakathi kwethu nani, ukuze labo abafuna ukusuka lapha baye kini behluleke, nani ningaweli nize ngapha.’

27Isicebi sathi: ‘Baba ngiyakuncenga ukuba uthumele uLazaru emzini kababa,

28aye kubafowethu abayisihlanu, afike abaxwayise hleze nabo beze kulendawo yobuhlungu.’

29UAbhrahama waphendula wathi: ‘Abafowenu banemithetho kaMose nemibhalo yabaphrofethi; abalalele yona! ’

30Sase sithi: ‘Angiboni baba ukuthi bayoyizwa, kodwa uma kungase kube khona ovuka kwabafileyo aye kubo, bayophenduka bakholwe! ’

31Kodwa uAbhrahama wathi: ‘Uma bengakulaleli okushiwo nguMose nabaphrofethi, ngeke bakholwe ngisho noma kungavuka bani kwabafileyo.’ ”

ULuka 17

Izikhubekiso

(Mat 18:6-7,21-22; Mark 9:42)

1Wathi kubafundi bakhe: “Zohlala zikhona nakanjani izikhubekiso, kodwa nakho kulowomuntu ezivela ngaye!

2Bekungangcono kuye ukuba kuboshelwe inguzunga yetshe entanyeni yakhe, aphonswe olwandle, kunokuba akhubekise abe munye kulaba abasanda kuphenduka, amwise ekukholweni.

3Ngakhoke qaphelani! “Uma umzalwane enza isono mkhuze; uma ezisola mthethelele!

4Ubomthethelela ngisho noma esekona kasikhombisa ngosuku, kodwa abuye axolise kuwe kasikhombisa athi: ‘Ngikonile.’ ”

Amandla okukholwa

5Abaphostoli bathi eNkosini uJesu: “Sandisele ukukholwa kwethu! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6INkosi yaphendula yathi: “Ukuba beninokholo, ngisho noma lungaze lube ngangohlamvana lwesihlahla sikamasitadi, beningathi kulesisihlahla esikhulu samajikijolo asisimbuke endaweni yaso simile olwandle, bese sinilalela.

“Siyizisebenzi nje”

7“Uma isisebenzi sakho sifika sivela ekulimeni noma ekwaluseni, ungasho yini kuso sisanda kufika ngakho kodwa, uthi asihlale phansi sidle, ungakadli wena na?

8Phinde! Kepha uyaye uthi kuso: ‘Hlamba izandla, ungilungisele ukudla uphake ngidle ngiphuze; emuva kwalokho nawe usungadla.’

9Siyanconywa yini isisebenzi uma sisuke senze lokho obekuvele kungumsebenzi waso na? Qha!

10Kanjalo nani akothi lapho senikufezile konke okungumsebenzi wenu nithi: ‘Siyizisebenzi ezingatheni; besenza lokho obekuvele kungumsebenzi wethu.’ ”

UJesu uphilisa amadoda ayishumi aphethwe wuchoko

11Wayelibhekise eJerusalema wanqamula phakathi kwelaseSamariya nelaseGalile.

12Kwathi esezofika esigodini esithile wanqwamana namadoda ayishumi ayephethwe uchoko. Ema buqamama naye,

13amemeza athi: “Nkosi Jesu, sihawukele! ”

14UJesu wawabona qede wathi kuwo: “Hambani niziveze kubaphristi banihlole! ” Amadoda ahlanjululwa esahamba endleleni.

15Enye yawo yanele yabona ukuthi isiphilisiwe, yabuyela emuva, yasho kakhulu ngengila idumisa uMvelinqangi.

16Yazilahla phambi kukaJesu imbonga. YayingeyaseSamariya.

17UJesu wabuza wathi: “Abaphiliswanga baba yishumi na? Pho baphi abayisishiyagalolunye?

18Akubange kusabuya noyedwa nje ukuzobonga uNkulunkulu ngaphandle kwalomuntu wabezizwe na? ”

19Wayesethi kuye: “Sukuma uhambe! Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

Ukufika kombuso kaNkulunkulu

(Mat 24:23-28,37-41)

20Abafarisi bambuza ukuthi uNkulunkulu uyoqala nini ukubusa na. Wabaphendula wathi: “Umbuso kaNkulunkulu awufiki ubonwa.

21Akuyikushiwo kuthiwe: ‘Nakho-ke, uNkulunkulu useyabusa lapha! ’ kumbe kuthiwe: ‘Useyabusa laphaya! ’ Ingani phela uNkulunkulu ubusa phakathi ezinhliziyweni zenu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Wayesethi kubafundi: “Siyeza isikhathi lapho niyofisa ukuyibona iNdodana yesintu, noma kungaba usuku olulodwa nje ibusa, kodwa aniyikuyibona.

23Bayothi kini: ‘Niyayibona, nansiya! ’ noma bathi: ‘Bhekani, nansi! ’ Ningabhuduzeli niye lapho benikhombisa khona!

24Mhla iNdodana yesintu ifika iyoba njengezulu libaneka emkhathini, kuye kushaye emaphethelweni ezulu nxazonke.

25Kodwa kungakenzeki konke lokho kumele ihlupheke kabi, abantu balemihla bayicwase.

26Ezinsukwini ezandulela ukufika kweNdodana yesintu kuyoba njengasemihleni kaNowa.

27Babedla bephuza beganiselana kwaze kwaba ngamhla uNowa engena emkhunjini, kwase kufika uzamcolo, wababhubhisa bonke.

28Kwaba njalo nasemihleni kaLothi, bedla bephuza behweba belima bakha nezindlu,

29kodwa mhla ephuma emzini waseSodoma kwehla ikloba lomlilo wesibabule ezulwini wababhubhisa bonke.

30Kuyoba njalo nangamhla iNdodana yesintu isibonakala ifika ngenkazimulo.

31“Ngalolosuku, oyobe ephezu kophahla lwendlu eshiye impahla yakhe endlini akangabe esabuyela eyoyithatha! Ngokunjalo noyobe esemasimini akangabe esaphindela ekhaya!

32Khumbulani okwehlela umkaLothi!

33Lowo ofuna ukulonda ukuphila kwakhe kuyomlahlekela, kepha lowo okumlahlekelayo kuyolondolozwa.

34Ngithi kini, ngalobobusuku amadoda amabili ayobe elele ndawonye, kuthathwe enye, enye isale;

35kugaye abesifazane ababili exhibeni kuthathwe omunye, omunye asale.

[36Amadoda amabili ayobe esebenza emasimini kuthathwe enye, enye isale.]”

37Abafundi bambuza bathi: “Nkosi, kuyokwenzekaphi lokho na? ” Wayesebaphendula wathi: “Amanqe ayobuthana lapho kukhona khona isidumbu.”

ULuka 18

Umzekeliso ngomfelokazi nomahluleli

1Wabalandisa umzekeliso ebakhombisa ukuthi kufanele bakhuleke njalo bangalahli ithemba. Wathi kubo:

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2“Kwakukhona umahluleli emzini othile. Lendoda yayingamesabi uNkulunkulu,
ingenandaba namuntu.

3Kulowomuzi kwakukhona nomfelokazi owayelokhu eya kulomahluleli afike athi
kuye: ‘Ake ungizwele odabeni lwami nalomuntu esibhekene naye ecaleni! ’

4Kwamthatha isikhathi eside umahluleli elokhu engafuni, kepha kuthe ekugcineni
wakhuluma yedwa wathi: ‘Yize noma ngingamesabi uNkulunkulu, ngingakhathali
ngamuntu,

5kodwa lomfelokazi ujinge engifundekela, ngakhoke ngizomzwela ukuba
angabelokhu eza lapha kimi hleze ngizukeke.’ ”

6INkosi yaqhubeka yathi: “Ake nizwe ukuthi uthini umahluleli okhohlakeleyo!

7Nithi kambe uNkulunkulu kayikubazwela yini abekhethelo lakhe abakhala kuye
imini nobusuku, abaphendulele na? Nithi uyokwephuza ukubasiza na?

8Ngiyanitshela ngithi uyosheshe abazwele. Kodwa mhla iNdodana yesintu izayo,
iyolufica yini emhlabeni ukholo olungako kubantu na? ”

Umzekeliso ngomfarisi nomthelisi

9Wabuye wabalandisa lomzekeliso abathile ababezethemba ukuthi balungile,
bebukela phansi abanye, wathi:

10“Kwasuka amadoda amabili aya ethempelini ukuba akhuleke, enye ingumfarisi,
enye ingumthelisi.

11Umfarisi wema yedwa wakhuleka wathi: ‘Nkulunkulu ngiyakubonga ngoba
angifani nabanye abantu; angiphangi, angikhohlakele, angiphingi. Angifani ngisho
nalomthelisi.

12Ngizila ukudla kabili ngeviki, nginikela ngokweshumi kukho konke
engikuzuzayo.’

13Kepha umthelisi wema kude, akathanda ngisho nokubhekisa ubuso bakhe
ezulwini, wathwala izandla wakhothama ngokwesaba , wathi: ‘Nkulunkulu,
hawukela mina soni! ’

14Ngithi kini, okunguyena owabuyela ekhaya ethethwe yicala, ngumthelisi
kunomfarisi. Ngoba yilowo nalowo oziphakamisayo uyofojiswa, kodwa lowo
ozithobayo uyophakanyiswa.”

UJesu ubusisa abantwana
(Mat 19:13-15; Mark 10:13-16)

15Bayisa ngisho nabantwana abancane kuye ukuba ababeke izandla. Abafundi
bakubona lokhu babakhuza.

16Kodwa uJesu wathi abalethwe, wayesethi: “Bavumeleni abantwana beze kimi,
ningabavimbeli, ngoba umbuso kaNkulunkulu ungowabanje.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Ngiyanitshela ngithi, bonke labo abangawemukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana, akasoze ababuse nempela.”

Isikhulu esicebileyo

(Mat 19:16-30; Mark 10:17-31)

18Isikhulu esithile sabuza uJesu sathi: “Mfundisi olungileyo, ngingenze njani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na? ”

19UJesu wasibuza wathi: “Ungibizelani ngokuthi ngingolungileyo? Kakho olungileyo, nguMvelinqangi kuphela.

20Uyayazi imiyalo ethi: ‘Ungaphingi; ungabulali; ungebi; ungafakazi amanga; yazisa uyihlo nonyoko! ’ ”

21Saphendula sathi: “Ngiyigcinile yonke lemiyalo kwasebusheni bami.”

22Kwathi ukuba uJesu akuzwe lokho, wathi kuso: “Kusasilele into eyodwa ongakayenzi: thengisa ngakho konke onakho wabele abampofu, yikhona uyoba nengcebo ezulwini. Usungeza-ke ungilandele.”

23Kuthe ukuba sizwe lelo sephuka umoya, ngoba sasiyisigwili.

24UJesu wasibona ukuthi sesijabhile wathi: “Wo, kulukhuni kuyitshe ukuba izicebi zingene embusweni kaNkulunkulu!

25Impela, kulula ukuba ikameli lichushe entunjeni yosungulo kunokuba isicebi singene embusweni kaNkulunkulu.”

26Abamuzwa esho njalo bathi: “Pho uma kunjalo, ngubani ongasindiswa na? ”

27Wathi kubo: “Lokho angekwenze umuntu, uNkulunkulu angakwenza.”

28UPhetro wathi: “Thina sidele konke ebesinakho, salandela wena.”

29UJesu wathi kubo: “Ngiyaqinisa impela ngithi, yilowo nalowo odela indlu noma umkakhe noma abafowabo noma abazali noma abantwana ngenxa yombuso kaNkulunkulu,

30uyobuye aphiwe ngokuphindiwe kaningi esesemhlabeni, abesethola ukuphila okuphakade ezweni elizayo.”

Sekungokwesithathu uJesu ebikezela ukufa kwakhe

(Mat 20:17-19; Mark 10:32-34)

31Wabizela eceleni abayishumi nambili, wathi kubo: “Lalelani, sesenyukela eJerusalema lapho kuzogcwaliseka khona konke okwalotshwa ngesandla sabaphrofethi bebikezela ngeNdodana yesintu.

32Izonikelwa kwabezizwe, ibe yinhlekisa, bayidlove, bayifele ngamathe,

33bayibhaxabule, bayibulale, kepha ivuke ngosuku lwesithathu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Kabazange baqonde lutho lwalokhu, umqondo wakho wawufihliwe kubo. Babengazi ukuthi ukhuluma ngani.

UJesu uphilisa impumputhe enqibayo
(Mat 20:29-34; Mark 10:46-52)

35Wasondela emzini waseJerikho, kuhlezi lapho impumputhe inqiba eceleni kwendlela.

36Yathi ingezwa uquqaba ludlula yabuza ukuthi kwenze njani.

37Bayitshela bathi lo odlulayo nguJesu waseNazaretha.

38Yayisimemeza ithi: “Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele! ”

39Abantu ababengaphambili bayikhuza, kepha babe besathe ayithule yaqala phansi yasho kakhulu yathi: “Ndodana kaDavide, ngihawukele! ”

40UJesu wayesema esethi mayilethwe. Kuthe ukuba isondele wayibuza wathi:

41“Ubuthanda ukuba ngikwenzeleni na? ” Yamphendula yathi: “Nkosi yami, ukuba ungivule amehlo ngibone.”

42UJesu wathi kuyo: “Vuleka ubone! Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

43Yavuleka amehlo yabona khona lapho, yamlandela uJesu ibongela uMvelinqangi. Izixuku zakubona lokhu zadumisa uMvelinqangi.

ULuka 19

UJesu noZakewu

1Wangena emzini waseJerikho, wadabula kuwo eqonde ukudlulela phambili.

2Kwakukhona indoda ethiwa nguZakewu Yabe iyinhloko yabathelisi, icebile.

3Yayifuna ukuzibonela ukuthi uJesu ungubani, kepha yehluleka ngenxa yesixuku, ngoba yayimfushane ngethambo.

4Yagijimela phambili, yakhwela esihlahleni somthombe ukuba imbone kahle, ngoba wayezodlula ngalapho.

5UJesu wafika ngakuleyondawo, waphosa amehlo phezulu esihlahleni, wathi: “Zakewu, shesha wehle lapho, ngoba kumele ngingenise kwakho namuhla.”

6UZakewu wehla eshesha, wafika wamngenisa ngokujabula.

7Abantu bayibuka lento, bakhonona bonke bathi: “Lomuntu ungenisa emzini wesoni! ”

8Kepha uZakewu wasukuma wavela obala wakhuluma eNkosini uJesu wathi: “Nkosi, sengizokwabela abampofu ingxenye yalokho enginakho. Uma kukhona umuntu engimqolile, ngiyombuyisela sekuphindwe kane.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9UJesu wathi kuye: “Insindiso kaNkulunkulu isifikile kulomuzi namuhla. Naye phela ungowozalo luka-Abhrahama.

10INdodana yesintu ize ukuzofuna abalahlekileyo ibasindise.”

Umzekeliso wezinhlamvu zegolide

(Mat 25:14-30)

11Kuthe abantu besalalele ekhuluma lokho, wabuye walandelisa ngomzekeliso. Wayeseduze neJerusalema, sebethembile ukuthi uNkulunkulu uzomisa umbuso wakhe maduzane.

12Ngakhoke wathi: “Kukhona umuntu wasebukhosini owayezoya kwelikude, kuzofika kugidwe lapho umkhosi wokubekwa kwakhe, kanduba abuye azobusa.

13Wabiza izinceku zakhe eziyishumi, wazinika ngayinye uhlamvu lwemali eyigolide, wayesethi kuzo: ‘Thathani lemali nisale niyizalanisa ngize ngibuye! ’

14Kodwa abantu ayezobabusa babemzonda, base bemlandelisa ngamanxusa ayezofike athi: ‘Asifuni ukubuswa yilomuntu.’

15“Wafike wabekwa waba yinkosi, wayesebuyela emuva. Wathi engena nje wabiza lezozinceku ayezinike imali, ukuba ezwe ukuthi zizuzeni lapho ziyizalanisa.

16Eyokuqala yafike yakhuleka yathi: ‘Wena wakomkhulu! Uhlamvu lwakho lwegolide luzalanisiwe kwatholakala eziyishumi ngaphezulu.’

17Wathi kuyo: ‘Halala nceku, usebenze kahle! Njengoba ubuwethembekile ezintweni ezincane ngizokubeka uphathe imizi eyishumi.’

18Eyesibili yafike yathi: ‘Wena wakomkhulu! Luzalanisiwe uhlamvu lwakho lwegolide, kwatholakala eziyisihlanu ngaphezulu.’

19Wathi kuyo: ‘Wena-ke uzophatha imizi eyisihlanu.’

20Kwase kusuka enye yafike yathi: ‘Nkosi, thatha nantu uhlamvu lwakho lwegolide! Ngalusonga kahle ngendwangu, ngalulondoloza.

21Phela ngangikwesaba, ngoba unenhliziyo elukhuni, uyakuqhwaga okungesikho okwakho, uvune lapho ungahlwanyelanga khona.’

22Wayesethi kuyo: ‘Thula, nceku embi! Ngizokugweba ngamagama akho. Njengoba ubukwazi ukuthi nginenhliziyo elukhuni, ngiqhwaga lokho okungesikho okwami, ngivune lapho ngingahlwanyelanga khona,

23pho awuthathanga ngani imali yami wayoyigcina ebhange, khona ngizoyithola isinenzalo mhla ngibuyayo na? ’

24Wayesekhuluma ezincekwini ezazimi lapho wathi: ‘Nina, mephuceni loluhlamvu lwegolide, nilunike lowaya oneziyishumi! ’

25Zathi: ‘Kodwa nkosi, uvele unazo nje eziyishumi! ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Waphendula wathi: ‘Ngiyanitshela ngithi, yilowo nalowo onotho uyophiwa enezelelwe; lowo ongenalutho uyokwephucwa ngisho nalokho okuncane anakho.

27Kodwa lezizitha zami ezazithi kazifuni ukubuswa yimi, ziletheni lapha nizibhokode ngomkhonto ngibuka! ’ ”

UJesu ungena ngodumo eJerusalema

(Mat 21:1-11; Mark 11:1-11; Joh 12:12-19)

28Wakusho lokho wabahola phambili waqonda eJerusalema.

29Wasondela emizaneni yaseBhetfage naseBethani ngasegqumeni elibizwa ngokuthi yiNtaba yemiHlwathi, wathuma abafundi bakhe ababili,

30wathi: “Hambani niye kunankuya umuzi! Niyothi ningangena kuwo nibone kukhulekwe inkonyane yembongolo engakaze igitshelwe muntu. Yithukululeni niyilethe lapha!

31Uma kukhona obuza ukuthi niyithukululelani anothi: ‘INkosi iyayidinga.’ ”

32Laba ababethunyiwe bahamba, nembala bakuthola kunjengoba ayeshilo uJesu.

33Kuthe besayithukulula inkonyane, abaniniyo babuza bathi: “Niyithukululelani na? ”

34Baphendula bathi: “INkosi iyayidinga.”

35Base beyiletha kuJesu. Bendlala izingubo zabo emhlane wayo, bamgibelisa.

36Kuthe esahamba, abantu bendlala izingubo zabo endleleni.

37Wasondela ngasekwehleni kweNtaba yemiHlwathi. Isixuku sonke sabafundi sathokoza, saqala ukuhlokoma sidumisa uMvelinqangi ngazo zonke izimangaliso esase sizibonile sathi:

38“Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi abayibika ukuthi iyeza. Ukuthula ezulwini nodumo kweliphezulu! ”

39Kwase kusuka abanye abafarisi ababesemshungwini sebethi kuye: “Mfundisi, khuza abafundi bakho! ”

40Wathi kubo: “Ngithi kini, uma kungathula laba, kungamemeza amatshe imbala.”

41Wasondela emzini waseJerusalema, kwathi angawubona wawukhalela izinyembezi.

42Wathi: “Yek' ukuba ubukwazi namuhla lokho okungakulethela ukuthula! Kepha kusitheziwe, awukuboni.

43Kuyofika izinsuku lapho izitha zakho ziyokwakhela izingange zikuhaqe zikuhlanganisele phakathi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

44Ziyoqotha imbokodo nesisekelo, zibhubhise abantu abakhe kuwe. Aziyikushiya itshe liqhwakele phezu kwelinye, ngoba awubonanga ukuthi sekufike isikhathi sokuhanjelwa kwakho nguNkulunkulu ezokusindisa.”

Ukuhlanzwa kwethempeli
(Mat 21:12-17; Mark 11:15-19; Joh 2:13-22)

45Wangena ethempelini, waxosha abathengisayo,

46wathi kubo: “Embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi: ‘Indlu yami iyoba yindlu yokukhuleka.’ Kepha nina manje seniyenze umgede wabaphangi.”

47Wayefundisa ethempelini imihla ngemihla. Izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo nabaholi besizwe babefuna ukumgudlukisa,

48kodwa bathiyeka bengazi ukuthi bangamthola kanjani, ngoba izixuku zazilokhu zinamathele kuye, zifuna ukumuzwa.

ULuka 20

Umbuzo ngegunya likaJesu
(Mat 21:23-27; Mark 11:27-33)

1Ngelinye ilanga uJesu wayefundisa ethempelini eshumayeza abantu indaba emnandi. Kweza kuye izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo nezigele,

2zafike zathi: “Ake usitshele, ukwenza lokhu ngagunya lini? Ngabe ngubani owakunika leligunya na? ”

3Waphendula wathi: “Nami ake nginibuze umbuzo! Ngitsheleni ukuthi,

4uJohane umbhabhadisi walithathaphi igunya lokubhabhadisa, walinikwa nguNkulunkulu noma walithatha kubantu na? ”

5Zase zihlanganisa amakhanda zithi: “Uma sithi walinikwa nguNkulunkulu uzothi: ‘Animkholwanga ngani uJohane na? ’

6Kanti-ke futhi uma singathi walithatha kubantu, sonke isixuku sizosikhanda ngamatshe, ngoba phela bonke bayeneliswa ukuthi uJohane wayengumphrofethi.”

7Zase ziphendula zithi kazazi ukuthi walithathaphi.

8UJesu wayesethi kuzo: “Nami-ke angisanitsheli ukuthi engikwenzayo ngikwenza ngagunya lini.”

Umzekeliso ngabaqashi besivini
(Mat 21:33-46; Mark 12:1-12)

9Walandisa abantu lomzekeliso: “Umuntu watshala isivini, wasiqashisa kubalimi, wahambela kwelikude, wafike wahlala isikhathi eside.

10Sekuvunwa wathumela inceku kubaqashi besivini ukuba ilande ingxenye yesivuno eyinzuzo yakhe. Kepha bayidinda inceku bayiphindisela emuva ivathazela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Wabuye wathumela enye inceku, naleyo bayidinda bayithela ngehlazo, bayiphindisela emuva ivathazela.

12Wabuye wathumela eyesithathu; nayo bafike bayilimaza, bayixosha.

13Umninisivini wathi: ‘Sengizokwenze njani-ke manje? Ngizothumela indodana yami engiyithanda kakhulu; mhlawumbe bayoyihlonipha.’

14Abaqashi bayibona bafakana imilomo bathi: ‘Nansi indlalifa! Asiyibulale sidle ifa layo! ’

15Base beyikhiphela ngaphandle kwesivini bayibulala. “Uyobenze njani-ke umninisivini na?

16Uyofika ababhubhise, abeseqashisa ngesivini kwabanye.” Kuthe ukuba bakuzwe lokhu bathi: “Hhayi, akungenzeki lokhu! ”

17UJesu wababuka wathi kubo: “Uchaza ukuthini lombhalo ongcwele uma uthi: “ ‘Itshe lokwakha elaliwa ngabakhi bethi liyinto engenamkhuba, kwaba yilona sisekelo njengensika ephase indlu’?

18“Yilowo nalowo owela phezu kwalelotshe uyophihlizeka kanti-ke nalowo eliwela phezu kwakhe liyomgaya abe yizicucu.”

19Izazimibhalo nezikhulu zabaphristi zase zifuna ukumbopha uJesu khona lapho, ngoba zazizwe kahle ukuthi lomzekeliso uwubhekise kuzo. Nokho zesaba abantu.

Umbuzo ngentela

(Mat 22:15-22; Mark 12:13-17)

20Babelindele ithuba lokuba bamhile. Ngakhoke bathumela kuye izimpimpi, ukuba zizidlise satshanyana zizenze abathembekile, khona zizothola amazwi ezingambamba ngawo zimthwale zimuthi qithi emthethweni phambi kukalusibalukhulu.

21Zafike zambuza zathi: “Mfundisi, siyazi ukuthi lokho okushoyo nokufundisayo kulungile impela nokuthi ubunjani bomuntu awubushayi mkhuba. Ufundisa indlela kaNkulunkulu ngobuqotho.

22Kuphambene yini nomthetho ukuba sithelele ikhanda kuKhesari inkosi yombuso waseRoma na? ”

23Kodwa wabubona ubuqili babo wathi:

24“Ngikhombiseni uhlamvu lwemali! Ngokabani umfanekiso negama elikuyo na? ” Bamphendula bathi: “NgokaKhesari.”

25Wathi kubo: “Ngakhoke mnikeni uKhesari okukaKhesari, uNkulunkulu nimnike okukaNkulunkulu! ”

26Behluleka ukumhila phambi kwabantu ngamazwi akhe. Base bethula du, bemangaliswe yimpendulo yakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Umbuzo ngokuvuka kwabafileyo
(Mat 22:23-33; Mark 12:18-27)

27Abasadusi bayaye bathi akukho kuvuka kwabafileyo. Kwasuka abathile kubo
baya kuJesu bafike bambuza

28bathi: “Mfundisi, uMose wasilobela umthetho wathi: ‘Uma indoda ifa ishiya
umfelokazi ingazele, umfowabo wendoda makamngene avuse umuzi womufi.’

29Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa. Esokuqala saganwa, safa singazele.

30Esesibili sase singena umfelokazi.

31Sesishonile wangenwa ngesesithathu. Zamngena zonke, asikho kulezi
eziyisikhombisa esazala kuye. Zafa zonke

32kwase kulandela nomfelokazi.

33Pho, njengoba wake waba ngumfazi wabo bonke laba abayisikhombisa, woba
ngumkabani-ke mhla kuvuka abafileyo na? ”

34UJesu waphendula wathi: “Lapha emhlabeni abantu bayaganiselana,

35kepha labo okuyothiwa kubafanele ukuphila ezweni elizayo sebevukile
kwabafileyo, kabayikuganana.

36Abasayikufa ngoba bayoba njengezingilosi. Bangamadodana kaNkulunkulu
njengoba sebevukile kwabafileyo.

37NoMose imbala ukubeka ngokusobala encwadini yakhe ukuthi kukhona
ukuvuka kwabafileyo. Endabeni yehlozi elavuthayo ubiza uSimakade
ngoNkulunkulu ka-Abhrahama noNkulunkulu kaIsaka noNkulunkulu kaJakobe.

38UnguNkulunkulu wabaphilayo; labo anguNkulunkulu wabo kabafile, ngoba
kuyena bonke bangabaphilayo.”

39Ezinye zezazimibhalo zathi: “Mfundisi, ukhulume wabehlula! ”

40Emuva kwalokho abalokothanga bambuze utho uJesu.

Umbuzo ngeNdodana kaDavide
(Mat 22:41-46; Mark 12:35-37)

41Wababuza wathi: “Bangasho kanjani ukuthi uMesiya uyiNdodana kaDavide na?

42Ngoba encwadini yamaHubo uDavide uqobo lwakhe uthi: “ ‘USimakade wathi
eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami

43ngize nginqobe izitha zakho zithele kuwe! ’

44“UDavide umbiza ngeNkosi yakhe, pho useyiNdodana yakhe kanjani manje? ”

UJesu usola izazimibhalo
(Mat 23:1-36; Mark 12:38-40; Luk 11:37-54)

45Wakhuluma kubafundi bakhe, abantu bonke belalele wathi:

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

46“Xwayani izazimibhalo! Zikhonze ukuhamba zembethe izevatho ezinde,
zithanda nokukhulekelwa embuthanweni, zibekwe ezihlalweni eziphambili
ezindlini zokusonta, zihlonishwe zihlaliswe nezikhulu emikhosini.

47Zikhuleka undendende zibukisa, kanti zilutha abafelokazi zisizakale ngabo
zibaphuce amafa abo. Ziyojeziswa ngokwedlulele ngecala lazo.”

ULuka 21

Umnikelo womfelokazi
(Mark 12:41-44)

1Waphosa amehlo wabona izicebi zinikela esitsheni somnikelo ethempelini.

2Wabona nomfelokazi oyimpofana enikela ngezinhlamvana ezimbili zemali.

3Wayesethi: “Niyabona! Impela lomfelokazi eyimpofana nje unikele wabedlula
bonke.

4Ngoba bonke laba bathathe kokuningi abanakho banikela kwasala, kodwa
lomfelokazi ebuphofini bakhe ayibo udele konke abezophila ngakho.”

UJesu ubikezela ngokudilizwa kwethempeli
(Mat 24:1-2; Mark 13:1-2)

5Sekuzwakala abathile betusa ubuhle bethempeli bencoma ukuhlotshiswa kwalo
ngamatshe akwanokusho nangezipho ezinhle ezethulwe kuNkulunkulu. UJesu
wathi kubo:

6“Siyeza isikhathi lapho konke lokhu enikubonayo manje kuyobhidlizwa
kudilizelwe phansi, kungasali nelilodwa itshe liqhwakele phezu kwelinye.”

Izibonakaliso nokuhlupheka
(Mat 24:3-14; Mark 13:3-13)

7Bambuze bathi: “Mfundisi! Kuyokwenzeka nini lokhu na? Sibonakaliso sini
esiyokhomba isikhathi sokwenzeka kwalokhu na? ”

8Waphendula wathi: “Qaphelani banganedukisi! Ngoba kuyovela abaningi
abayoshaya sengathi bayimi bathi: ‘Nginguye uMesiya,’ babuye bathi: ‘Isikhathi
sifikile! ’ Nize ningabalandeli!

9Ningabi natwetwe lapho nizwa amahemuhemu ezimpi nezibhelu; kumele
kwenzeke lokhu kuqala, kodwa-ke umhla wokuphela uyobe ungakafiki.”

10Waqhubeka wathi: “Izizwe ziyovukelana, nemibuso iphendukelane,

11umhlaba uzamazame kakhulu, kubhoke indlala nobhubhane izindawo
ngezindawo. Niyokhangela okwesabisayo nezibonakaliso ezinkulu zivela
emkhathini.

12“Kodwa kungakenzeki konke lokhu bayonidumela banibophe, banizingele
baniqulise amacala emasinagogeni, banigqume ejele. Niyokuma ezigcawini
zamacala phambi kwamakhosi nababusi ngesizathu sokuthi ningabami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Lokhu sekuyoba yilona thuba lenu lokuba nifakaze ngami.

14Nize ningakhathazeki ngokuthi kazi niyoziphendulela nithini, nizindle ngakho singakafiki isikhathi.

15Ngoba mina ngiyonifunza amazwi ahlakaniphileyo bese kuthi bonke labo enibhekene nabo behluleke ukumelana nani baniphikise.

16Niyochilizelwa ezitheni ngisho nangabazali nabafowenu nezihlobo nabangane. Kuyobulawa abanye benu.

17Bayonizonda bonke ngoba ningabami.

18Kodwa aniyikuthola myocu .

19Uma niqinisela niyokuzuza ukuphila kwenu.

UJesu ubikezela ngokuchithwa kweJerusalema

(Mat 24:15-22; Mark 13:14-20)

20“Kothi ningabona impi yabafo isilihaqile iJerusalema bese nazi ukuthi sesifikile isikhathi sokuchithwa kwalo.

21Ngalesosikhathi labo abakhe eJudiya mabaphephele ezintabeni, labo abangaphakathi eJerusalema baphume baphele kulo, labo abasemaphandleni bangabe besalubeka ngaphakathi.

22Ngoba kuyobe sekuyizona nsuku zokujeziswa lezo, ukuba kugcwaliseke konke okulotshwe emibhalweni engcwele.

23Ngiyazisa ngabakhulelweyo nabancelisayo ngalezonsuku! Kuyoba khona ukuhlupheka okukhulu emhlabeni, ulaka lukaNkulunkulu lwehlele phezu kwalesisizwe.

24Abanye bayocekelwa phansi ngenkemba, abanye baye ekuthunjweni emazweni ngamazwe omhlaba. Abezizwe bayolishaya baliqothule iJerusalema lisale lingumbhidlika kuze kuphele isikhathi sabo sokulibusa.

Ukuza kweNdodana yesintu

(Mat 24:29-31; Mark 13:24-27)

25“Kuyoba khona izibonakaliso elangeni nasenyangeni nasezinkanyezini. Izizwe zomhlaba ziyoba lusizi, kuphele nasozwanini ngenxa yokuhlokoma kolwandle namadlambi.

26Abantu bayoqedwa uvalo, bankeme benetwetwe lalokho okuzokwehlela umhlaba; ngoba amabandla omkhathi wezulu ayozanyazanyiswa aphambuke emizileni yawo.

27Sebeyoyibona-ke iNdodana yesintu iza ngefu, inamandla nenkazimulo enkulu.

28Uma nibona sekuqala ukwenzeka konke lokhu, anophakama nime ngezinyawo niqunge isibindi, ngoba usuku lokuhlengwa kwenu selusondele.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Isifundo esitholakala emkhiwaneni
(Mat 24:32-35; Mark 13:28-31)

29Wabalandisa umzekeliso wathi: “Ake nibheke nanku umkhiwane kanye nazo
zonke izihlahla!

30Kuyaye kuthi lapho sekuhluma amaqabunga azo, bese niyazibonela nani ukuthi
lethwese.

31Ngokunjalo-ke uma nibona lokhu kwenzeka, niyokwazi ukuthi umbuso
kaNkulunkulu ususondele.

32Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, lesisizukulwane asiyikudlula kungakenzeki
konke lokhu.

33Kuyodlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami awasoze adlula.

Ukuqaphela kudingekile

34“Qaphelani ningathatheki nitamase nidakwe nizikhathaze ngeminako
yalokhukuphila, hleze lolosuku lunizume,

35lunibambe njengogibe. Ngoba luyobabhabha bonke abantu bomhlaba.

36Hlalani niqaphile nikhuleka, nicele amandla okuphunyula kukho konke lokhu
okuyokwenzeka, nize nime phambi kweNdodana yesintu.”

37Kwakuyaye kuthi emini afundise ethempelini kulezonsuku, kodwa kusihlwa
ahambe aye egqumeni elithiwa yiNtaba yemiHlwathi ahlwelwe khona.

38Bonke abantu babevuka ekuseni baye ethempelini ukuba bamuzwe efundisa.

ULuka 22

Icebo lokubulala uJesu
(Mat 26:1-5,14-16; Mark 14:1-2,10-11; Joh 11:45-53)

1Kwase kusondele umkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo othiwa yiPhasika.

2Izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zazifuna amaqhinga okuthi uJesu
zingamgudlukisa kanjani isinyenyela ngoba zazesaba abantu.

3USathane wayesengena kuJudasi okuthiwa nguIskariyothe owayebalwa
nabayishumi nambili.

4UJudasi wasuka waya ezikhulwini zabaphristi nezinduna ezazengamele
ogqayinyanga ethempelini, wafike wabhunga nazo ukuthi angamchilizela kanjani
uJesu kuzo.

5Zajabula zafa, zamethembisa imali.

6Wavuma-ke uJudasi, wayesecuthela ithuba elingamlungela ukuba achilizele uJesu
kuzo kungekho bantu abaningi.

Ukulungiselwa komkhosi wePhasika

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

(Mat 26:17-25; Mark 14:12-21; Joh 13:21-30)

7Lwafika-ke usuku olungaliyo lomkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo okuhlatshwa ngalo iwundlu lePhasika.

8UJesu wathuma uPhetro noJohane wathi kubo: “Hambani nisilungisele ukuba sidle iwundlu lePhasika! ”

9Bambuza bathi: “Ufuna sililungiselephi na? ”

10Wayesethi: “Lalelani lapha! Nizothi nje nisangena emzini nihlangane nendoda ithwele imbiza yamanzi. Yilandeleni, niye lapho ingena khona,

11nifike nithi kumninindlu: ‘UMfundisi uthe asofike simbuzele ukuthi kuphi lapho engadlela khona iwundlu lePhasika nabafundi bakhe na.’

12Useyonikhombisa indlu enkulu esihleliwe bese nilungisela kuyo.”

13Basuka-ke bafica kunjengoba ebeshilo; base belungisela iwundlu lePhasika.

Ukumiswa kwesidlo seNkosi

(Mat 26:26-30; Mark 14:22-26; 1 Khor 11:23-25)

14Safika-ke isikhathi, uJesu wahlala wadla iwundlu lePhasika nabaphostoli.

15Wathi kubo: “Bengikulangazelele kabi ukuba leliwundlu lePhasika ngilidle nani ngingakahlushwa.

16Ngithi kini, angisayukuphinde ngilidle kuze kufezeke inhloso yalo embusweni kaNkulunkulu.”

17Wathatha indebe yewayini, wabonga kuNkulunkulu, wathi kubo: “Thathani lokhu niphuzisane!

18Ngithi kini, kusukela manje angisayukuphinde ngikuphuze okwesithelo somvini kuze kufike isikhathi sombuso kaNkulunkulu.”

19Wasethatha isinkwa, wabonga kuNkulunkulu, wasihlephula wasinika abafundi wathi: “Lokhu kungumzimba wami [onikelwa ngenxa yenu. Kwenzeni lokhu ukuba ningikhumbule.”

20Kanjalo futhi wathatha nendebe yewayini sebedlile, wabanika wathi: “Lendebe iyisivumelwano esisha sikaNkulunkulu esiqiniswa yigazi lami elichithelwa nina.]

21“Kodwa, lowo ozothengisa ngami nangu sidla sithebeni sinye naye!

22INdodana yesintu izokwemuka ukwemuka impela njengoba uNkulunkulu anquma, kepha maye kulomuntu ozothengisa ngayo ezitheni! ”

23Base bebuzana ukuthi ngabe ngubani phakathi kwabo ongase enze into enjengaleyo.

Abafundi babanga ubukhulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24Kwasuka impikiswano kubafundi ukuthi ngabe ngubani phakathi kwabo okungathiwa mkhulu kunabanye.

25Wathi kubo: “Lapha emhlabeni amakhosi ayaye abe namandla phezu kwabantu bawo, neziphathimandla zaziwa ngokuthi zingabasizi bomphakathi.

26Akufanele kube njalo kini, kodwa omkhulu kini makabe njengomncane kunabo bonke, umbusi abe njengesisebenzi.

27Ngubani omkhulu kunomunye, yilowo obheke ukuba aphakelwe noma yisisebenzi esimphakela ukudla na? Akuyena lowo obheke ukuba aphakelwe na? Kepha mina ngilapha phakathi kwenu ngiyisisebenzi.

28“Nina-ke benilokhu ninami kubo bonke ubunzima bami.

29Sengininikeza amandla okubusa, njengalokhu noBaba wanginikeza lawamandla.

30Embusweni wami niyodla niphuze esithebeni sami, nihlale ezihlalweni zobukhosi nahlulele izizwe eziyishumi nambili zabantu bakwaIsrayeli.

UJesu ubikezela ukuphika kukaPhetro

(Mat 26:31-35; Mark 14:27-31; Joh 13:36-38)

31“Simoni, lalela lapha Simoni! USathane usecele ilungelo lokuba anivivinye njengomlimi ehlunga amabele emakhobeni.

32Nokho ngikunxusele ngacela ukuba ukukholwa kwakho kuvuthe kungacishi. Nawe-ke, lapho usuphendukile wakholwa, uze ukhuthaze abafowenu baqine! ”

33UPhetro waphendula wathi: “Nkosi, sengikulungele ukuboshwa ngisho nokubulawa kanye nawe.”

34UJesu wathi: “Lalela lapha Phetro! Iqhude lingakakhali ngalobubusuku banamuhla, uyobe usungiphike kathathu uthi awungazi.”

Isikhwama semali nesokwethekela, nezicathulo

35Wayesethi kubo: “Kukhona yini enake nakweswela mhla nginithuma ngithi ningaphathi sikhwama semali nesokwethekela nazicathulo na? ” Baphendula bathi: “Qha, asiswelanga lutho.”

36Wayesethi: “Kepha kwehlukile manje. Onesikhwama semali akasiphathe, ngokunjalo akangasishiyi nesokwethekela; lowo ongenankemba akathengise ngengubo yakhe athenge inkemba.

37Ngoba ngithi kini, kumele kube njengoba kulotshiwe ngami embhalweni ongcwele ukuthi: ‘Wabalwa kanye nezelelesi.’ Impela, sekuyafezeka okwashiwo ngami.”

38Base bethi: “Nkosi, nazi izinkemba ezimbili! ” Waphendula wathi: “Kwanele.”

UJesu useNtabeni yemiHlwathi uyakhuleka

(Mat 26:36-46; Mark 14:32-42)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

39Waphuma emzini wemuka. Njengenhlayenza waya eNtabeni yemiHlwathi;
abafundi bahamba naye.

40Kwathi bangafika endaweni ayebabele kuyo, wathi kubo: “Khulekani ukuba
ningehlelwa ukulingwa! ”

41Wasuka kubo waqhela ibangana elingangomjikijelo wetshe, wafike waguqa
wakhuleka.

42Wathi: “Baba, uma uthanda, yisuse kimi lendebe yobunzima! Nokho, akungayi
ngentando yami, kodwa kuye ngeyakho! ”

[43Wabona ingilosi ivela ezulwini yafike yammisa isibindi.

44Wafikelwa ubuhlungu obukhulu obamzuka emoyeni, wazabalaza ngomkhuleko
ejulile. Wajuluka kwaphuma izithukuthuku ezinjengamathonsi egazi, zaconsela
emhlabathini.]

45Waqeda ukukhuleka wasukuma wabuyela kubafundi. Wabafica bezumekile,
bezukwe usizi.

46Wafike wathi kubo: “Nilaleleni na? Vukani, nikhuleke ingaze nehlelwe
ukulingwa.”

Ukukhashelwa nokuboshwa kukaJesu

(Mat 26:47-56; Mark 14:43-50; Joh 18:3-11)

47Kwathi engakaligwinyi kwatheleka isixuku sabantu siholwa nguJudasi, omunye
wabayishumi nambili. Wasondela kuJesu ukuba amange.

48Kepha uJesu wathi: “Judasi, kodwa impela uyayikhaphela ezitheni iNdodana
yesintu ngokuyanga na? ”

49Laba ababenoJesu bakubona okwase kuzokwenzeka bathi: “Nkosi, sigadle yini
ngenkemba na? ”

50Omunye wabo wagalela esisebenzini somphristi omkhulu, wasihhebhula
indlebe yesokunene.

51Kepha uJesu wathi: “Yekani, sekwanele! ” Wayesethinta indlebe yesisebenzi
yaphola.

52Wabhekisa kulabo ababezombopha, izikhulu zabaphristi nezinduna
zogqayinyanga bethempeli nezigele, wathi kubo: “Bese ningaze niphume nihlome
ngezinkemba namawisa sengathi ngingumphangi na?

53Benginani nsukuzasa ethempelini, kepha aningenzanga lutho. Nokho, yithuba
lenu leli, sekubusa amandla obumnyama.”

UPhetro uphika uJesu

(Mat 26:57-58,69-75; Mark 14:53-54,66-72; Joh 18:12-18,25-27)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

54Babembopha njalo uJesu bamqhuba bamusa kwamphristi omkhulu; uPhetro walandela buqamama.

55Babasa umlilo phakathi negceke, bahlala phansi bawungunga. UPhetro wahlala kanye nabo.

56Intombazana esebenza kwamphristi omkhulu yambona ehlezi otha, yamuthi njo ngamehlo yathi: “Naye lo kade ehamba noJesu.”

57Kodwa uPhetro waphika wathi: “Ntombazane, ngithi angimazi nakumazi! ”

58Kwadlula isikhashana, enye indoda yambona uPhetro yathi: “Nawe ungomunye wabo! ” Kepha wayiphendula wathi: “Hhayi wena muntu, angisiye! ”

59Kwadlula isikhathi esingangehora, enye indoda yaphikelela yathi: “Lomuntu ungowaseGalile! Impela, kade ehamba naye.”

60Kepha wayiphendula wathi: “Hhayi wena ndoda, angikwazi lokho okushoyo bo! ” Kwathi esakhuluma nje, lakikiliga iqhude.

61INkosi uJesu yaphenduka yambheka uPhetro, wayesekhumbula amazwi eNkosi lapho ithi: “Iqhude lingakakhali ngalobubusuku banamuhla, uyobe usungiphike kathathu.”

62Waphumela phandle wakhala ezimathonsi.

Ukubhinqwa nokushaywa kukaJesu

(Mat 26:67-68; Mark 14:65)

63Amadoda ayelinde uJesu ahlekisa ngaye amdinda.

64Ammboza amehlo athi kuye: “Ake usitshele ukuthi ushaywe ngubani! Ake ubholofide sizwe! ”

65Basho nokunye okuningi bemhlambalaza.

UJesu uphambi komkhandlu

(Mat 26:59-66; Mark 14:55-64; Joh 18:19-24)

66Kwathi sekusile kwabuthana izigele zamaJuda nezikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo, zayisa uJesu emkhandlwini wazo.

67Zathi kuye: “Uma unguMesiya, kuhle usitshele! ” Waphendula wathi: “Uma nginitshela anisoze nakholwa;

68uma nginibuza ngeke niphendule.

69Kodwa kamuva iNdodana yesintu iyohlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu uSomandla.”

70Bambuza bonke bathi: “Ngabe usho ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu na? ” Wabaphendula wathi: “Kusho nina ukuthi ngiyiyo.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

71Base bethi: “Sisazobenzani ubufakazi, njengoba sesizizwele thina ekusho ngomlomo wakhe! ”

ULuka 23

UJesu uphambi kukaPilatu

(Mat 27:1-2,11-14; Mark 15:1-5; Joh 18:28-38)

1Kwasuka isixuku sonke, saqhuba uJesu samusa kuPilatu,

2safike samethwesa icala sathi: “Lomuntu simfice edukisa isizwe sakithi, ethi asingayitheli intela yengonyama yaseRoma, esho nokuthi unguMesiya, inkosi ezobusa.”

3UPilatu wambuza wathi: “Wena uyinkosi yamaJuda na? ” Wamphendula wathi: “Nguwena okushoyo.”

4UPilatu wakhuluma ezikhulwini zabaphristi nakubantu wathi: “Angitholi cala kulomuntu.”

5Kepha baphikelela bathi: “Ngalemfundiso yakhe udala uthuthuva kulo lonke elaseJudiya, kusuka kwelaseGalile kuze kufike nalapha.”

UJesu uphambi kukaHerodi

6Kwathi angakuzwa lokho uPilatu wabuza ukuthi lomuntu ngabe ungowaseGalile na?

7Wezwa ukuthi uqhamuka esifundeni esiphethwe nguHerodi inkosi, wayesemthumela kuyo; phela ngalezonsuku nayo yayiseJerusalema.

8Yayikade ilokhu yafisa ukubona uJesu njengoba yayisizwe okuningi ngaye. Ngakhoke yajabula yafa lapho imbona. Phela yayithemba ukuthi izombona enza isimangaliso.

9Yambuza okuningi, kepha uJesu akayiphendulanga.

10Izikhulu zabaphristi kanye nezazimibhalo zema lapho, zibhokile zimethwesa amacala.

11UHerodi wamjivaza wamenza inhlekisa ekanye namabutho akhe. Wamvunulisa ngengubo ekhazimulayo wambuyisela kuPilatu.

12Kwakukade kukhona ubutha phakathi kukaHerodi noPilatu, kodwa ngalolosuku bathelelana amanzi.

UJesu ugwetshwa ukuba abulawe

(Mat 27:15-26; Mark 15:6-15; Joh 18:39 - 19:16)

13UPilatu wabizela ndawonye izikhulu zabaphristi kanye nezigele nabantu,

14wathi kubo: “Lomuntu nimlethe lapha kimi nithi wedukisa abantu. Sengiliqulile icala lakhe phambi kwenu; angitholi cala kukho konke enimmangalela ngakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15NoHerodi imbala katholanga cala kuye, ngoba nangu usembuyisele kithi.
Akenzanga lutho olufanele isigwebo sokufa.

16Ngakhoke uzobhaxabulwa bese ngimdedela." [17Kwakunomkhuba
owawumphoqa ukuba abakhululele isiboshwa sibe sinye njalo ngomkhosi
wePhasika.]

18Uquqaba lonke lwabantu lwamemeza lwathi: "Akafe lo, usikhululele uBharabha!
"

19UBharabha wayeyisiboshwa, egqunywe ejele ngenxa yezibhelu ezazenzeke
emzini nangecala lokubulala.

20UPilatu wayefuna ukumdedela uJesu, ngakhoke wabuye wakhuluma kubantu.

21Kepha babelokhu bememezile bethi: "Mbethele, mbethele esiphambanweni! "

22UPilatu wabuza ngokwesithathu wathi: "Ngoba enze cala lini na? Angiboni cala
elifanele isigwebo sokufa. Ngakhoke ngizombhaxabula adedelwe."

23Kepha babelokhu bememezile bethi uJesu akabethelwe; makhathaleni
kwamehlula uPilatu ukumemeza kwabo.

24Ngakhoke wakhipha isinqumo wathi akwenziwe lokho abakufunayo.

25Wabakhululela umuntu ababemcelile owayegqunywe ejele ngenxa yezibhelu
necala lokubulala, kodwa walahlela uJesu kubo ukuba kwenziwe kuye ukuthanda
kwabo.

UJesu ubethelwa esiphambanweni

(Mat 27:32-44; Mark 15:21-32; Joh 19:17-27)

26Amabutho athatha uJesu amuka naye. Kuthe esahamba, adumela umuntu othiwa
nguSimoni waseSayirene, owayevela enkangala. Ametshathisa isiphambano
walandela ngemuva kukaJesu.

27UJesu walandelwa umshungu omkhulu, kukhona nabesifazane ababebalisa
bemkhalela izinyembezi.

28Waphenduka wababheka wathi: "Zintombi zaseJerusalema, musani
ukungikhalela mina! Zikhaleleni nina nabantwana benu.

29Ngoba iyeza imihla lapho kuyothiwa: 'Ziyadela izinyumba nezisu ezingazalanga
namabele angancelisanga! '

30Bese bebiza izintaba bathi: 'Dilikelani phezu kwethu! Nani magquma sigqibeni! '

31Ngoba uma benze nje esihlahleni esiseluhlaza, koba njani kwesomileyo na? "

32Kwakukhona futhi izelelesi ezimbili ababeziqhuba ziyobulawa kanye naye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33Bafika endaweni okuthiwa kusoGebhezini lweKhanda, bambethela esiphambanweni. Kwabethelwa nezelelesi eziphambanweni, esinye singakwesokunene sakhe, esinye singakwesokhohlo.

[34UJesu wathi: “Baba, bathethelele ngoba kabazi ukuthi benzani!”] Bahlukaniselana izingubo zakhe ngokwenza inkatho.

35Kwakumi izixuku zibukela, kepha izigele zazimklolodela zithi: “Phela wasindisa abanye; akazisindise yena uma enguMesiya, okhethiweyo kaNkulunkulu! ”

36Nawo amabutho amenza inhlekisa. Aya kuye afike amnikeza iwayini elimuncu

37athi: “Konje uthi uyinkosi yamaJuda! Zisindise phela! ”

38Ngenhla kwekhanda lakhe kwakuchonywe lombhalo: “Lo uyinkosi yamaJuda.”

39Nesinye sezelelesi ezaziphanyekwe lapho samhlambalaza sathi: “Ingani wena unguMesiya phela! Zisindise ubuye usisindise nathi! ”

40Kodwa lesi esinye sase sisikhuza sithi: “Kanti wena awumesabi yini uNkulunkulu, yize noma unqunyelwe ukufa njengaye na?

41Sisifanele thina lesisigwebo, ngoba sijeziselwa izenzo zethu, kepha lona akenzanga lutho olubi.”

42Sase sithi: “Jesu, uze ungikhumbule mhla uthatha ubukhosi embusweni wakho! ”

43UJesu wathi kuso: “Ngiyaqinisa impela, namhlanje uzoba nami ePharadisi.”

Ukufa kukaJesu

(Mat 27:45-56; Mark 15:33-41; Joh 19:28-30)

44Kwakungezikhathi zaseminibebade. Kwahlwa, izwe lonke lambozwa yisigayegaye sobumnyama obakhasa phansi kwaze kwaba ntambama ngehora lesithathu,

45ilanga lifiphele. Indwangu ehenqa ngaphakathi ethempelini yadabuka kabili.

46UJesu wamemeza waqonga wathi: “Baba, nginikela umoya wami ezandleni zakho! ” Wayalela maqede wafa.

47Induna yamabutho yabona okwenzekayo, yadumisa uNkulunkulu yathi: “Ngempela lomuntu ubelungile! ”

48Zonke izixuku ezazibuthene lapho zizobukela lesisehlakalo, kwathi sezikubonile okwenzekayo zabuyela emakhaya, abantu behamba bekhwixe imikhono bedabukile.

49Bonke abangane bakhe kanye nabesifazane ababemlandele kusukela eGalile, babemele kude bebuka konke okwenzekayo.

Ukulondolozwa kwesidumbu sikaJesu egodini

(Mat 27:57-61; Mark 15:42-47; Joh 19:38-42)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

50Kukhona indoda eyayilungile iqotho ithiwa nguJosefa. Yabe iyisigele,

51kodwa kayivumelananga nesinqumo nokwenza komkhandlu. Yayakhe eArimathiya, umuzi waseJudiya. Yayilindele ukufika kombuso kaNkulunkulu.

52Yaqonda kuPilatu yamcela isidumbu sikaJesu.

53Yasethula esiphambanweni, yasithandela ngendwangu yelineni, yasilondoloza egodini elalingumhume ogunjwe etsheni; leligodi lalingakaze lilale sidumbu.

54KwakungoLwesihlanu, sekuzoqala isabatha.

55Abesifazane ababesuke noJesu eGalile balandela, bafike balibona ithuna nesidumbu sikaJesu sibekwa kulo.

56Base bebuyela emakhaya, balungisa amakha nezigcobo ababezokwekhatha ngakho isidumbu. Baphumula ngesabatha njengoba kusho umthetho.

ULuka 24

Ukuvuka kukaJesu ekufeni

(Mat 28:1-10; Mark 16:1-8; Joh 20:1-10)

1Kwathi ngosuku olulandela isabatha, kuyiSonto kusantwela ezansi, abesifazane baya ethuneni bephethe amakha abase bewalungisile.

2Bafica itshe seligingqiwe lasuka emnyango wethuna.

3Bangena, kepha kabasificanga isidumbu seNkosi uJesu.

4Kuthe besasambathekile ngalokhu, kwatheleka amadoda amabili embethe izingubo ezazimhlophe zixhopha amehlo, afike ema phambi kwabo.

5Bethuka kabi, bagebisa amakhanda babheka phansi; amadoda ayesethi kubo: “Nimfunelani ophilayo lapha kwabafileyo na?

6Akekho lapha; uvukile. Khumbulani akusho kini eseseGalile,

7ukuthi iNdodana yesintu kumele inikelwe ezandleni zezoni, ibethelwe esiphambanweni, ivuke ngosuku lwesithathu.”

8Base bewakhumbula amazwi kaJesu.

9Babuya ethuneni, bafike babalandisa konke lokhu abayishumi nanye bebonke kanye nabanye.

10Abesifazane kwakungoMariya waseMagdala noJwana noMariya unina kaJakobe kanye nabanye besifazane ababenabo. Bakulandisa abaphostoli lokhu,

11kepha lombiko kwaba sengathi uyimbude nje, kabaze bawukholwa.

[12Kodwa uPhetro wathathela ngejubane waya ethuneni; wafike walunguza, wabona izindwangu zelineni zodwa. Wabuyela ekhaya kusammangalisile lokhu okwakwenzekile.]

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Abafundi ababili baya Emawusi

(Mark 16:12-13)

13Kwasuka abafundi ababili ngalo lolusuku balibhekisa emzaneni okuthiwa kusEmawusi, ongaba amakhilomitha ayishumi nanye kusuka eJerusalema.

14Babehamba bexoxa ngayo lendaba eyenzekile.

15Bathi besakhuluma bephendulana, uJesu wasondela wahambisana nabo.

16Bambona kodwa kwabacashela ukuthi ungubani.

17Wathi kubo: “Ndaba zini lezi enihamba nizikhuluma nibuzana ngazo na? ” Base bema, bebukeka bedabukile.

18Omunye wabo okuthiwa nguKlophase wabuza wathi: “Ungowokufika yini lapha eJerusalema? Kusho ukuthi nguwe wedwa kuphela ongazi lutho ngezinto ezenzeke lapha kulezizinsukwana ezidlule na? ”

19Wathi: “Zinto zini ezenzekile na? ” Bamphendula bathi: “Lezozinto ezenzeke kuJesu waseNazaretha. Ubengumphrofethi onamandla amakhulu awabonakalise ngezenzo nangamazwi phambi kukaNkulunkulu nakubantu bonke.

20Izikhulu zabaphristi kanye nezigele zamaJuda zamdonsela esigcawini ukuba agwetshwe abulawe, wabethelwa esiphambanweni.

21Thina bese sethemba sithi nguye oyohlenga isizwe sakwaIsrayeli. Okunye futhi, sikhuluma nje sekudlule izinsuku ezintathu kwenzekile.

22Naphezu kwalokho, abanye besifazane bakithi basethusile. Bavuke ekuseni baya ethuneni,

23kepha kabaze basifica isidumbu sakhe. Babuya bafike bathi belamele ngisho nombono wezingilosi ezithe uyaphila udla amabele.

24Abanye bethu esikanye nabo bayile ethuneni. Bafice nebala kunjengoba abesifazane besilandisile, kodwa yena uqobo lwakhe kabambonanga.”

25Wathi kubo: “Hhawu, lezizithutha lezi! Nithatha kade ukukukholwa konke okwashiwo abaphrofethi!

26Kanti bekungamele yini ukuba uMesiya ehlelwe yilokhukuhlupheka, abesengena enkazimulweni yobukhosi bakhe na? ”

27Wabachazela kusukela ezincwadini zikaMose nemibhalo yonke yabaphrofethi, ekhomba konke okubikezelwe ngaye emibhalweni engcwele.

28Base bekudebuduze nomzana ababeya kuwo. Washaya sengathi uyadlula,

29kepha bamxina bathi: “Woza uhlale nathi! Nanti nelanga seliya ngonina, kuyahlwa.” Wangenisa kubo, wahlala nabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Kwathi sebezokudla wathatha isinkwa, wabonga kuNkulunkulu, wabahlephulela sona.

31Kwase kuthi dwe emehlweni abo, kwayima bembonayo; kodwa wanyamalala kubo.

32Bakhuluma bodwa bathi: “Akukhudumalanga ezinhliziyweni kwamnandi yini endleleni lapho ekhuluma nathi esichazela imibhalo engcwele na? ”

33Basuka khona lapho, babuyela eJerusalema, bafica abafundi abayishumi nanye bebuthene kanye nabanye ababenabo,

34bekhuluma bethi: “Impela, iNkosi ivukile, yazibonakalisa kuSimoni.”

35Nalaba ababili base belandisa ngokwenzeke kubo endleleni, nokuthi babone ngokuhlephula kwayo isinkwa ukuthi kanti yiNkosi lena.

UJesu uzibonakalisa kubafundi bakhe

(Mat 28:16-20; Mark 16:14-18; Joh 20:19-23; ImiSeb 1:6-8)

36Kwathi besalandisa ngalokho, yabonakala uqobo lwayo isimi phakathi kwabo, yababingelela yathi: “Ukuthula! ”

37Bethuka kwaphela nasozwanini, bethi babona umungcwi.

38Kepha yathi kubo: “Nethuswa yini kangaka? Yini nifikelwe ukungabaza ezinhliziyweni zenu na?

39Bukani nazi izandla zami nezinyawo zami, ningibone kahle ukuthi yimi! Ngithinteni nizwe ukuthi yimina nginenyama namathambo, phela umungcwi awunakho lokhu! ”

40Yakusho lokhu qede yayisibakhombisa izandla nezinyawo zayo.

41Kepha kabakholwanga, kwaba sengathi bayaphupha ngenxa yokujabula kakhulu bemangele. Yayisibabuza ithi: “Ninakho yini okudliwayo na? ”

42Bayinika iqatha lenyama yenhlanzi echochobalisiweyo,

43yalithatha yalidla bebuka.

44Yathi kubo: “Yilokhu enganginitshela khona ngisenani, ukuthi kumele kufezeke konke okulotshwe ngami emthethweni kaMose nasemibhalweni yabaphrofethi nasencwadini yamaHubo.”

45Yayisibakhanyisela, kwavuleka izingqondo zabo ukuba bakwazi ukuqonda imibhalo engcwele.

46Yathi kubo: “Kulotshwe kuyo kwathiwa uMesiya uyohlushwa, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu,

47nokuthi izizwe zonke kusukela eJerusalema zoshunyayezwa ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono ngegama lakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

48 Nina ningofakazi balezizinto.

49 Niyabona, ngiyothumela kini lokho uBaba anethembise khona. Kepha anohlala lapha emzini nize namukeliswe amandla avela ezulwini.”

UJesu wenyukela ezulwini

(Mark 16:19-20; ImiSeb 1:9-11)

50 Waphuma nabo emzini wabahola baze bafika eBhethani, waphakamisa izandla wababusisa.

51 Esababusisa wemuka kubo, wenyuselwa ezulwini.

52 Bakhothama bakhuleka kuye, base bebuyela eJerusalema bethokoza kakhulu.

53 Babelokhu besethempelini bedumisa uNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UJohane

UJohane 1

Yena oyiZwi wazalwa waba ngumuntu

1Ekuqaleni umhlaba ungakadalwa, lowo oyiZwi wayevele esekhona. Lowo oyiZwi
wayekanye noMvelinqangi, lowo oyiZwi wayenguMvelinqangi.

2Yena lowo wayekhona ekuqaleni ekuMvelinqangi.

3Konke kwaba khona ngaye; akukho lutho olwadalwayo olungavelanga ngaye.

4Nguye owayengumthombo wokuphila; lokhukuphila kwaletha ukukhanya
kubantu,

5ukukhanya okukhanya ebumnyameni, kungasoze kwahlulwa wubumnyama.

6UMvelinqangi wathumela isigijimi sakhe, umuntu okwakuthiwa nguJohane.

7Weza ezofakazela ukukhanya ukuba bonke bamuzwe bakholwe.

8Yena-ke wayengesikho ukukhanya, kepha weza ezofakazela ukukhanya.

9Wayeza lapha emhlabeni lowo ongukukhanya koqobo okukhanyisa isintu sonke.

10Wayekhona lapha emhlabeni, umhlaba wabe ukhona ngaye, kodwa
wawungamazi ukuthi ungubani.

11Weza kwelakubo, kodwa abakubo abamamukelanga.

12Kepha yilowo nalowo omamukelayo, labo abakholwa kuye bamethembe,
wabapha bonke ilungelo lokuba ngabantwana bakaNkulunkulu.

13Laba bangabantwana bakaNkulunkulu, bengazelwe ngokwegazi nenyama noma
ngokufisa kwemvelo yomuntu noma ngokuthanda kwendoda, kepha bezelwe
nguNkulunkulu.

14Lowo oyiZwi wazalwa waba ngumuntu, wahlala phakathi kwethu egcwele
umusa neqiniso. Sayibona inkazimulo yobukhosi bakhe, inkazimulo yozelwe
yedwa ayeyiphiwe nguYise.

15UJohane wafakaza ngaye, wamemeza ngezwi elikhulu wathi: “Nguye
ebengikhuluma ngaye ngithi: ‘Lowo ozayo emuva kwami mkhulu kunami kukho
konke, ngoba wayekhona ngingakabi bikho.’ ”

16Egcwele umusa wasibusisa sonke, senzelwa umusa waze welakanyana.

17Umthetho sawunikwa ngoMose, umusa neqiniso kweza ngoJesu Kristu.

18Akakho oseke wabona uMvelinqangi; iNdodana yakhe ezelwe yodwa
yasambulela ukuthi ungubani, uqobo lwayo inguMvelinqangi ihlezi eduze
kukaYise.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ubufakazi bukaJohane umbhabhadisi
(Mat 3:1-12; Mark 1:2-8; Luk 3:15-17)

19 Umkhandlu wamaJuda eJerusalema wathumela abaphristi nabaLevi kuJohane
umbhabhadisi ukuba bafike bambuze bathi: “Wena ungubani na? ” Kuthe uma
bembuza wayesefakaza,

20 wachachisa ngokusobala wathi: “Angisiye uMesiya.”

21 Bambuza bathi: “Kanti ungubani na? UnguElija na? ” Wabaphendula wathi: “Qha,
angisiye.” Bambuza futhi bathi: “UnguMphrofethi na? ” Wathi: “Chabo! ”

22 Base bethi: “Sitshele-ke ukuthi ungubani! Kufanele sibuyisele impendulo kulabo
abasithumileyo. Uthi ungubani na? ”

23 Wabaphendula wathi: “Ngiyilowo abikezela ngaye umphrofethi uIsaya wathi: “
‘Kukhona ozwakala ememeza ehlane ethi: Hlelembani niqondise indlela yeNkosi!
’ ”

24 Abanye balabo ababethunyelwe kuJohane babengabafarisi.

25 Bafike bambuza bathi: “Uma ungesiye uMesiya noma uElija noma uMphrofethi,
pho ubhabhadiselani na? ”

26 UJohane wabaphendula wathi: “Mina ngibhabhadisa ngamanzi, kodwa kukhona
omi phakathi kwenu eningamazi ukuthi ungubani.

27 Uyeza emuva kwami, kodwa angifanele ngisho nokuthukulula imichilo
yezicathulo zakhe.”

28 Konke lokhu kwenzeka eBhethani ngaphesheya komfula iJordani, lapho uJohane
wayebhabhadisa khona.

IWundlu likaMvelinqangi

29 Ngakusasa uJohane wabona uJesu eza kuye, wayesethi: “Nanti iWundlu
likaMvelinqangi elisusa izono zomhlaba!

30 Linguye engangikhuluma ngaye ngithi: ‘Emuva kwami kuza umuntu omkhulu
kunami, ngoba wayekhona ngingakabi bikho.’

31 Ngangingamazi ukuthi ungubani, kodwa mina ngafika nganibhabhadisa
ngamanzi ukuze yena aziwe kubantu bakwaIsrayeli.”

32 UJohane wafakaza wathi: “Ngawubona uMoya oyiNgcwele usajuba ngesimo
wehla ezulwini, wafike wahlala phezu kwakhe.

33 Ngangingazi ukuthi nguye lowo, kodwa uNkulunkulu owangithumayo ukuba
ngibhabhadise ngamanzi wathi kimi: ‘Lowo oyombona kwehlela kuye uMoya
oyiNgcwele uhlale phezu kwakhe, nguye obhabhadisa ngoMoya oyiNgcwele.’

34 Mina ngakubona kwenzeka, sengiyafakaza ngithi, lo uyiNdodana kaNkulunkulu.”

Abafundi bokuqala bakaJesu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35Ngangomuso uJohane wayemi kuleyondawo nabafundi bakhe ababili.

36Wabona uJesu edlula, wathi: “Nanti iWundlu likaMvelinqangi! ”

37Abafundi ababili bathi uma bemuzwa ekusho lokhu base belandela uJesu.

38UJesu waphenduka wababona bemlandela, wababuza wathi: “Nifunani na? ” Bathi: “Rabi (okusho ukuthi Mfundisi), uhlalaphi na? ”

39Waphendula wathi: “Wozani nibone! ” Lase limathunzi. Bahamba noJesu bafike babona lapho ehlala khona, base behlala naye ngalolusuku.

40UAndreya umfowabo kaSimoni Phetro wayengomunye walabo ababili abalandela uJesu sebewezwile amazwi kaJohane.

41UAndreya waqala wabona umfowabo uSimoni, wathi kuye: “Simtholile uMesiya” (leligama lithi nguKristu).

42Wathatha uSimoni wamusa kuJesu. UJesu wambuka maqede wathi: “Igama lakho unguSimoni kaJohane; usuzobizwa ngokuthi nguKhefase” (okusho ukuthi nguPhetro).

UJesu ubiza uFiliphu noNathaniyeli

43Ngakusasa uJesu wanquma ukuya eGalile. Wafica uFiliphu, wathi kuye: “Woza ungilandele! ”

44UFiliphu wayengowaseBhetsayida, umuzi okwakuhlala kuwo uAndreya noPhetro.

45UFiliphu wathola uNataniyeli, wathi kuye: “Simtholile lowo uMose aloba ngaye emthethweni, ngisho nabaphrofethi imbala. NguJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

46UNataniyeli wabuza wathi: “Kukhona yini okuhle okungavela eNazaretha na? ” UFiliphu wathi: “Woza uzibonele! ”

47Kuthe uJesu angabona uNataniyeli eza, wakhuluma ngaye wathi: “Nangu umIsrayeli woqobo ongenankohliso! ”

48UNataniyeli wambuza wathi: “Ungazelaphi na? ” Wamphendula wathi: “Ngikubonile uhlezi ngaphansi komkhiwane uFiliphu engakakubizi.”

49UNataniyeli wathi: “Rabi, wena uyiNdodana kaNkulunkulu! UyiNkosi, iNgonyama yakwaIsrayeli! ”

50UJesu wathi kuye: “Ngabe usuyakholwa njalo ngoba nje ngithe ngikubonile uhlezi ngaphansi komkhiwane na? Usazobona okukhulu kunalokhu.”

51Waqhubeka wathi: “Ngiyaqinisa impela ngithi, niyobona izulu livulekile, izingilosi zikaNkulunkulu zehla zenyuka phezu kweNdodana yesintu.”

UJohane 2

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Udwendwe lwaseKhana

1Ngosuku lwesithathu kwasina udwendwe emzini waseKhana kwelaseGalile.
Kwakukhona nonina kaJesu.

2NoJesu nabafundi bakhe babemenyiwe.

3Kwaphela iwayini, unina wathi kuye: “Kabasenalo iwayini.”

4UJesu waphendula wathi: “Anginakutshelwa uwena mame. Ithuba lami
alikazilethi.”

5Unina wathi ezincekwini: “Yenzani noma yini anitshela yona! ”

6AmaJuda anesiko eliphathelene nokuhlamba izandla. Ngakhoke kwakubekwe
lapho izimbiza zamanzi eziyisithupha. Zazakhiwe ngetshe, iyinye yayingagcwala
amalitha abalelwa ekhulwini.

7UJesu wathi ezincekwini: “Gcwalisani lezizimbiza ngamanzi! ” Izinceku
zazigcwalisa zakhuza phezulu.

8Wayesethi kuzo: “Ake nicakulele usigozolo! ” Zamcakulela,

9wafike wawathi qhabu. Amanzi manje ayesephenduke iwayini. Wayengazi ukuthi
leliwayini livelephi, kodwa izinceku ezazimcakulele amanzi zazazi. Wayesebiza
umyeni wathi kuye:

10“Wonke umuntu uyaye akhiphe iwayini elimnandi kuqala, bese kuthi uma
abantu sebephuze badela, alandelise ngelinye elingemnandi kangako, kepha wena
usagodle iwayini elimnandi kuze kube manje.”

11UJesu wenza lesisimangaliso sakhe sokuqala eKhana kwelaseGalile,
wabukhombisa ngalendlela ubukhosi bakhe, abafundi base bekholwa kuye.

12Emuva kwalokhu waya nonina nabafowabo nabafundi eKhaphenawume, bafike
bahlala izinsuku ezimbalwa.

Ukuhlanzwa kwethempeli

(Mat 21:12-13; Mark 11:15-17; Luk 19:45-46)

13Kwasondela iPhasika umkhosi wamaJuda, uJesu wenyukela eJerusalema.

14Wafica abantu bethengisa ngezinkomo nezimvu namajuba ethempelini, abanye
behlezi beshintshela abantu imali.

15Wayesephotha isibhaxu ngezintambo wabakhipha bonke ethempelini, kanye
nezimvu nezinkomo. Wasakaza imali yalabo ababeshintshela abantu,
wagumbuqela amatafula abo.

16Kulaba ababethengisa ngamajuba wathi: “Kususeni lokhu lapha! Musani
ukwenza indlu kaBaba indawo yokuthengisela! ”

17Abafundi base bekhumbula okulotshwe embhalweni ongcwele ukuthi:
“Ukushisekela indlu yakho kuyongizuka.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Izikhulu zamaJuda zase zimbuza zithi: “Sibonakaliso sini okhombisa ngaso igunya lokwenza lokhu? ”

19UJesu waphendula wathi: “Dilizani lelithempeli, ngizolivusa ngezinsuku ezintathu.”

20AmaJuda ambuza athi: “Uthi uzobuye ulakhe ngezinsuku ezintathu lelithempeli elakhiwa iminyaka engamashumi amane nesithupha na? ”

21Kepha uJesu wayeqonde ithempeli elingumzimba wakhe.

22Kuthe lapho esevusiwe kwabafileyo, abafundi bakhe bakhumbula ukuthi wakusho lokhu. Base bekholwa umbhalo ongcwele nalokho uJesu ayekushilo.

UJesu wazi ubunjani bomuntu

23Kuthe eseJerusalema emkhosini wePhasika, baningi abantu abakholwa kuye nxashane bebona izimangaliso azenzayo.

24Kodwa uJesu akazange abhobokelane nabo, ngoba wayebazi bonke nobunjani babo.

25Kwakungadingekile ukuba atshelwe ngabo, ngoba wayezazela okusenhliziyweni yomuntu.

UJohane 3

UJesu noNikodima

1Kwakukhona isigele samaJuda okwakuthiwa nguNikodima. Sasingomunye wabeqembu labafarisi.

2Saya kuJesu ebusuku, safike sathi: “Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi othunywe nguNkulunkulu, ngoba akakho ogila lezizimanga ozenzayo uma uNkulunkulu engenaye.”

3UJesu waphendula wathi: “Lalela lapha ngikutshele! Uma umuntu engazelwe kabusha ngeke awubone umbuso kaNkulunkulu.”

4UNikodima wabuza wathi: “Umuntu angabuye azalwe kanjani esemdala na? Akakwazi neze ukubuye angene esiswini sikanina aphinde azalwe ngokwesibili.”

5UJesu waphendula wathi: “Ngiqinisile uma ngithi kuwe, akakho ongangena embusweni kaNkulunkulu ngaphandle kokuba azalwe ngamanzi nangoMoya oyiNgcwele.

6Ngokwemvelo umuntu uzalwa enesono, nguMoya oyiNgcwele omzala ngokomoya.

7Ungamangali uma ngithi kumele nizalwe nonke kabusha!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Umoya uvunguza uye lapho uthanda ukuya khona. Uyawuzwa umsindo wawo,
kodwa awuwazi umoya lapho uqhamuka khona nalapho uqonde khona. Kunjalo
kulowo nalowo ozelwe ngoMoya oyiNgcwele.”

9UNikodima wathi: “Kungenzeka kanjani lokhu na? ”

10UJesu wathi kuye: “Usho ukuthi awukwazi lokhu, wena ongumfundisi
owaziwayo kwaIsrayeli na?

11Ngiyakutshela ngithi, ngempela sikhuluma ngesikwaziyo, sifakaze ngalokho
esikubonileyo, kodwa anivumi ukwamukela ubufakazi bethu.

12Uma nginitshela ngezinto zalapha emhlabeni kodwa nenqabe ukukholwa, pho
niyokholwa kanjani uma nginitshela ngezindaba zasezulwini na?

13Phela akakho noyedwa walapha emhlabeni oseke wenyukela ezulwini,
ngaphandle kwalowo owehla ezulwini, iNdodana yesintu.

14“UMose waphakamisa inyoka ebunjwe ngethusi, wayichoma othungweni
ehlane; kanjalo neNdodana yesintu kumele iphakanyiswe,

15ukuze kuthi lowo nalowo okholwa kuyo athole ukuphila okuphakade.

16UNkulunkulu wawuthanda umhlaba waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe
yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa kuyo angabhubhi kodwa athole ukuphila
okuphakade.

17UNkulunkulu akayithumelanga iNdodana yakhe emhlabeni ukuba izolahla
umhlaba ngecala kodwa ukuba umhlaba usindiswe ngayo.

18“Okholwa kuyo akalahlwa, kodwa ongakholwayo uselahliwe, ngoba
engakholwanga eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa.

19Ukulahlwa ngecala kuhamba kanje: Ukukhanya kwafika emhlabeni, kodwa
abantu baqoka ubumnyama kunokukhanya ngoba imisebenzi yabo imibi.

20Yilowo nalowo owenza ububi uzonda ukukhanya. Ngeke aye ekukhanyeni,
ngoba akafuni ukuba imisebenzi yakhe idalulwe.

21Kepha lowo olandela iqiniso uya ekukhanyeni, ukuze kubonakale ngokusobala
ukuthi akwenzayo ukwenza esebunyeni noNkulunkulu.”

UJesu noJohane umbhabhadisi

22Emuva kwalokhu uJesu nabafundi bakhe baya ezweni laseJudiya, wafike wahlala
nabo isikhathi ebhabhadisa.

23UJohane naye wayebhabhadisa Enoni eduze naseSalimi, ngoba kuleyondawo
kwakunamanzi amaningi. Abantu babeya kuye ababhabhadise.

24Lokhu kwenzeka uJohane engakagqunywa ejele.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Kwaba khona impikiswano phakathi komJuda othile nabafundi bakaJohane mayelana nokuhlanjululwa.

26Baya kuJohane bathi kuye: “Rabi, lona owafakaza ngaye, owayekanye nawe phesheya komfula iJordani, uyabhabhadisa. Sebeye kuye bonke abantu.”

27UJohane waphendula wathi: “Umuntu angemukele lutho engaluphiwe nguNkulunkulu.

28Nina ngokwenu ningangifakazela ukuthi ngathi: ‘Angisiye uMesiya mina, kodwa ngiyisigijimi esithunywe ngaphambi kwakhe.’

29Umyeni yilowo osuke esenomlobokazi; kodwa lowo osuke emise umyeni engumngane wakhe uyaye ajabule nokujabula uma ezwa izwi lomyeni. Ngakhoke ukuthokoza kwami kuphelele manje.

30Kufanele udumo lwakhe lwande, olwami lunciphe.

Lowo ovela phezulu ezulwini

31“Lowo ovela phezulu mkhulu ngaphezu kwakho konke, kanti lowo ovela emhlabeni ungumuntu womhlaba, ukhuluma ngezinto zalomhlaba. Lowo ovela ezulwini mkhulu ngaphezu kwakho konke.

32Ufakaza ngakubonileyo nakuzwayo, kodwa akakho owemukela ubufakazi bakhe.

33Owemukela ubufakazi bakhe uyakusekela ukuthi uNkulunkulu uqinisile.

34Lowo othunywe nguNkulunkulu ukhuluma amazwi kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu umuphe ngokuphelele uMoya oyiNgcwele engagodli lutho.

35UYise uyayithanda iNdodana yakhe, ukwethule konke ezandleni zayo.

36Okholwa eNdodaneni uyophila phakade, kepha lowo ongayikholwa iNdodana ngeke akubone ukuphila okuphakade, kodwa uNkulunkulu uyobelokhu emthukuthelele.”

UJohane 4

UJesu nowesifazane waseSamariya

1Abafarisi bezwa ukuthi uJesu uzuza abhabhadise abafundi abaningi kunabakaJohane umbhabhadisi.

(2Empeleni uJesu uqobo lwakhe wayengabhabhadisi muntu, kwakubhabhadisa abafundi bakhe.)

3Ngakhoke kwathi uJesu angakuzwa lokhu, wemuka eJudiya wabuyela eGalile.

4Indlela eya lapho yayidabula ezweni laseSamariya.

5Wafika kwelaseSamariya emzini othiwa yiSikhari. Kwakungekude naleyonsimu uJakobe ayipha indodana yakhe uJosefa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Kulensimu kwakukhona umthombo kaJakobe. UJesu wayesekhathele yindlela,
wafike wahlala emthonjeni. Kwakuseminibebade.

7Kwafika owesifazane womSamariya ezokukha amanzi. UJesu wathi kuye: “Ake
ungikhelele ngiphuze! ”

8Phela abafundi bakhe babesaye emzini beyothenga ukudla.

9Owesifazane waseSamariya waphendula wathi: “Wena ungumJuda ungasho
kanjani kimi uthi angikuphuzise ngingumSamariya na? ” (Phela amaJuda
kawadlelani namaSamariya.)

10UJesu waphendula wathi: “Ukuba ubusazi isipho sikaNkulunkulu nokuthi
ngubani ocela ukuba umphuzise, ngabe ucela kuye, abesekupha amanzi aqabulayo
anempilo.”

11Owesifazane wathi kuye: “Nkosi yami, kawuphethe sitsha sokukha, kanti-ke
futhi umthombo ujulile. Pho uzowakhaphi lawamanzi aqabulayo na?

12Usho ukuthi wena umkhulu kunokhokho uJakobe na? Nguye owasipha
lomthombo. Waphuza kuwo yena kanye namadodana akhe nemihlambi yakhe.”

13UJesu wamphendula wathi: “Yilowo nalowo ophuza lawamanzi uyophinde ome.

14Kepha ophuza lamanzi engimupha wona akasoze aphinde ome. Amanzi
engimupha wona ayoba yisiphethu ngaphakathi kuye esiphuphuma amanzi aletha
ukuphila okuphakade.”

15Owesifazane wathi: “Nkosi yami, ngiphe lawamanzi ukuba ngingaphinde ngome,
ngingabe ngiseza lapha ngizokukha amanzi! ”

16UJesu wathi kuye: “Hamba ubize umyeni wakho uze naye lapha! ”

17Waphendula owesifazane wathi: “Anginandoda.” UJesu wathi kuye: “Usho
ngakhona uma uthi awunandoda.

18Sewake waba namadoda ayisihlanu, nalena onayo manje kakusiyo eyakho.
Ngakhoke uqinisile.”

19Owesifazane wathi: “Nkosi yami, sengiyabona ukuthi ungumphrofethi wena.

20Okhokho bethu thina maSamariya babekhonza uNkulunkulu kulentaba, kepha
nina maJuda nithi kuseJerusalema lapho kufanele simkhonze khona.”

21UJesu wathi kuye: “Ngikholwe engikushoyo! Siyeza isikhathi lapho
ningayikumkhonza uBaba kulentaba ngisho naseJerusalema.

22Nina maSamariya niyakhonza kodwa nibe ningazi ukuthi nikhonzani. Kepha
thina maJuda siyazi ukuthi yini esiyikhonzayo. Ngoba insindiso ivela emaJudeni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Nokho isikhathi siyeza, impela sesifikile, lapho kuyothi labo abakhonza uBaba ngokweqiniso bamkhonze ngoMoya nangeqiniso ngoba uBaba ufuna bona abamkhonza kanjalo.

24UMvelinqangi unguMoya, ngakhoke abamkhonzayo abamkhonze ngoMoya nangeqiniso.”

25Owesifazane wathi kuye: “Ngiyazi ukuthi uyeza uMesiya okuthiwa unguKristu. Uyofika asitshele konke.”

26UJesu wathi kuye: “Nginguye, mina lo engikhuluma nawe.”

27Ngaleyonkathi abafundi bakhe babuya, bafike bamangala nxa bemfica ekhuluma nowesifazane. Kepha akakho noyedwa wabo owabuza kowesifazane ukuthi ufunani noma abuze kuJesu athi: “Ukhulumelani naye na? ”

28Owesifazane washiya imbiza yakhe yamanzi, waya emzini wafike wathi kubantu:

29“Ake nizobona umuntu ongitshele konke esengake ngakwenza! Nithi ngabe unguMesiya na? ”

30Base besuka emzini baya kuJesu.

31Ngesikhathi esahambile owesifazane, abafundi bancenga uJesu bathi: “Rabi, sicela ukuba udle! ”

32Kodwa wathi: “Mina nginokudla engikudlayo nina eningazi lutho ngakho.”

33Abafundi base bebuzana bodwa bethi: “Ngabe ukhona yini omlethele ukudla na? ”

34UJesu wathi kubo: “Ukudla kwami kungukwenza intando kaBaba ongithumileyo, ngifeze umsebenzi anginike wona.

35“Ninesisho esithi: ‘Kusasele izinyanga ezine bese kuvunwa.’ Lalelani lapha nginitshele! Yenyusani amehlo nibheke emasimini! Asemhlophe, ukudla sekuvuthiwe kulungele ukuvunwa.

36Umuntu ovunayo wemukela umvuzo wakhe, abuthe izithelo zokuphila okuphakade. Ngakhoke umhlwanyeli nomvuni bayojabula bobabili.

37Siqinisile isisho esithi: ‘Omunye uyahlwanyela, omunye avune.’

38Mina nginithumele ukuba nivune lapho ningalimanga khona. Kwalima abanye, nina nathola umvuzo ngomsebenzi wabo.”

39Maningi amaSamariya alowomuzi akholwa kuJesu ngoba owesifazane wayekhulume ngaye wathi: “Ungitshele konke engake ngakwenza.”

40Kwathi ukuba amaSamariya afike kuJesu, amncenga ukuba ahlale nawo. Wahlala nawo izinsuku ezimbili.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

41Bakholwa baba baningi kabi lapho bemuzwa eshumayela.

42Base bethi kowesifazane: “Kasisakholwa ngoba sizwe wena usilandisa. Sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi impela ungumsindisi womhlaba.”

UJesu uphilisa indodana yenduna

43Emuva kwalezonsuku ezimbili uJesu wasuka lapho, waya eGalile.

44Ngoba wayelikhiphe yena uqobo wathi: “Umphrofethi akadunyiswa kwelakubo.”

45Kuthe uma efika eGalile, abantu bakhona bamemukela kahle, njengoba babebone konke ayekwenza eJerusalema ngomkhosi wePhasika; phela nabo babeyile lapho.

46UJesu waya eKhana kwelaseGalile, lapho ayekade eguqule khona amanzi aba yiwayini. Emzini waseKhaphenawume kwakukhona induna yenkosi eyayigulelwa yindodana yayo.

47Kuthe ukuba izwe ukuthi uJesu usefikile kwelaseGalile evela kwelaseJudiya, yaya kuye. Yafike yamncenga ukuba ehlele eKhaphenawume afike aphilise indodana yayo ngoba kwase kubonwa kusile.

48UJesu wathi enduneni: “Anifuni ukukholwa nina uma ningaboni zibonakaliso nezimangaliso kuqala.”

49Induna yaphendula yathi: “Nkosi, phuthuma wehle angaze afe umntanami! ”

50UJesu wathi kuyo: “Goduka! Indodana yakho iphilile.” Lomuntu walikholwa izwi elashiwo nguJesu, wahamba.

51Kuthe esesendleleni ehla, izinceku zamhlangabeza zathi: “Umntanakho uyaphila.”

52Wabuza izinceku ukuthi bekungasikhathi sini lapho umntanakhe eqala ukululama. Zaphendula zathi: “Umkhuhlane umyeke izolo ngemuva nje kweminibebade.”

53Uyise wayesekhumbula ukuthi bekungalesosikhathi lapho uJesu ethi kuye: “Indodana yakho iphilile.” Wakholwa nomuzi wakhe.

54Kwase kuyisimangaliso sesibili lesi uJesu esenza emveni kokuba esefikile eGalile evela eJudiya.

UJohane 5

UJesu uphilisa isiguli eBhethesda

1Emuva kwalokho kwagidwa umkhosi wamaJuda eJerusalema, uJesu waya kuwo.

2EJerusalema kunechibi eduze kweSango leziMvu. Lizungelezelwe yimihubhe eyisihlanu yokuphumula. Lelichibi ngesiHebheru lithiwa yiBhethesda.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Kwakuyaye kulale abantu abaningi kulemihubhe, izimpumputhe nezinyonga nabafe uhlangothi. [Babelindele ukuzanyazanyiswa kwechibi.

4Kwakudamane kwehla ingilosi yeNkosi, ifike iphehle amanzi echibi, bese kuthi lowo ongene kuqala emuva kokuphehlwa kwawo, asinde esifweni esimphetheyo, noma ngabe kuyisifo sini.]

5Kwakukhona umuntu lapho owayesegule iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili.

6UJesu wabona lendoda ilele lapho, eyazi ukuthi isinesikhathi eside yagula, wathi kuyo: “Uyathanda ukusinda na? ”

7Yamphendula yathi: “Nkosi, anginamuntu lapha ongangisiza angifake echibini, nxa sekuphehlwa amanzi alo. Nxa ngizama ukungena, kusuka omunye angene kuqala kunami.”

8UJesu wathi kuyo: “Sukuma uthathe ucansi lwakho uhambe! ”

9Indoda yasinda khona lapho, yathatha ucansi lwayo yazihambela. Kwenzeka lokhu mhla wesabatha.

10Izikhulu zamaJuda zase zithi kulomuntu ophilisiweyo: “Namuhla yisabatha, akumthetho ukuba uthwale ucansi.”

11Waphendula wathi: “Lomuntu ongiphilisayo uthe angithathe ucansi lwami ngihambe.”

12Bambuza bathi: “Ngubani lomuntu okutshele ukuba uthathe ucansi lwakho uhambe na? ”

13Kodwa lendoda eyayiphilisiwe yayingazi ukuthi ngubani. Kwakukhona izihlwele zabantu kuleyondawo; ngakhoke uJesu wayeseyedukele.

14Kamuva uJesu wayifica isethempelini, wathi kuyo: “Usindile manje! Ungabe usona funa wehlelwe ngokubi kunalokhu! ”

15Indoda yahamba yatshela izikhulu zamaJuda ukuthi nguJesu oyiphilisile.

16AmaJuda ayeseqala ukumzingela uJesu ngoba nje ephilise kuyisabatha.

17UJesu wathi kuwo: “UBaba usaqhubeka namanje nomsebenzi wakhe, nami-ke ngiyasebenza.”

18Kuthe angasho njalo, izikhulu zamaJuda kwayima zifikelwa yisithukuthezi sokumbulala, kungekuphela ngoba echitha umthetho wesabatha, kodwa ngoba ebuye wathi uyiNdodana kaNkulunkulu, ngalendlela ezenza olingana noNkulunkulu.

Igunya leNdodana kaNkulunkulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19UJesu wakhuluma emaJudeni wathi: “Lalelani lapha nginitshele! INdodana ayikwazi ukwenza lutho ngokwayo, yenza lokho kuphela ebona kwenziwa nguYise.

20Phela uYise uyayithanda iNdodana, uyibonisa konke akwenzayo. Woyibonisa ngisho nemisebenzi emikhulu kunale, nimangale.

21UYise uvusa abafileyo abaphe ukuphila, kanjalo neNdodana ibapha ukuphila labo ethanda ukubapha khona.

22UYise akahluleli muntu kodwa unike iNdodana igunya lokuba yahlulele,

23ukuze bonke bahloniphe iNdodana njengoba behlonipha uYise. Ongayihloniphi iNdodana kamhloniphi noYise oyithumileyo.

24“Niyabona! Impela lowo ozwa engikushoyo akholwe kongithumileyo, ukuphila okuphakade unakho. Akayikwahlulelwa, kodwa usephumile ekufeni wadlulela ekuphileni.

25Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, isikhathi siyeza, impela sesifikile, lapho abafileyo beyozwa iphimbo leNdodana kaNkulunkulu, nalabo abalizwayo bathole ukuphila.

26UYise uqobo ungumthombo wokuphila, kanjalo neNdodana yakhe uyenze yaba ngumthombo wokuphila.

27Wayinika negunya lokwahlulela, ngoba iyiNdodana yesintu.

28Kunganimangalisi lokhu; isikhathi siyeza lapho bonke abaleleyo emathuneni bayolizwa iphimbo layo,

29bavuke baphume kuwo. Labo abenze okulungileyo bayovuka baphile ungunaphakade, nalabo abenze ububi nabo bayovuka balahlwe.

Ubufakazi ngoJesu

30“Mina ngeke ngenze lutho ngokwami, kodwa ngehlulela njengalokho engikutshelwa nguBaba. Ngehlulela ngokulunga, ngoba angenzi intando yami kepha ngenza intando kaBaba ongithumileyo.

31“Uma ngifakaza ngizithetha, ubufakazi bami abuqinisile.

32Kodwa kukhona omunye ongifakazelayo, ngiyazi ukuthi lokho akufakaza ngami kuyiqiniso.

33Nina nathumela kuJohane umbhabhadisi, wayeselifakazela iqiniso.

34Angigabe ngabufakazi bamuntu; lokhu ngikusho ukuze nisindiswe.

35UJohane singamfanisa nesibani esivuthayo nesikhanyisayo. Nina nanithanda ukuzijabulisa ngokukhanya kwaso okwesikhashana nje.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

36Kodwa kukhona okunye okungifakazelayo ngobufakazi obudlula obukaJohane. Yimisebenzi leyo engiyabelwe nguBaba ukuba ngiyifeze. Lemisebenzi engiyenzayo iyangifakazela ukuthi ngithunywe nguBaba.

37NoBaba ongithumileyo ungifakazele. Anizange nilizwe iphimbo lakhe, nibone nesiqu sakhe.

38Izwi lakhe alihlali ezinhliziyweni zenu, ngoba animkholwa lowo amthumileyo.

39Nicwaninga imibhalo engcwele ngoba nithi nizothola ukuphila okuphakade kuyo. Kanti-ke yiyo lemibhalo engifakazelayo.

40Nokho anifuni ukuza kimi ukuba nithole ukuphila okuphakade.

41“Angibhekile ukudunyiswa ngabantu.

42Kodwa ngiyanazi ukuthi aninalo uthando, animthandi uNkulunkulu.

43Ngize ngegunya likaBaba kepha aningemukelanga; kodwa uma omunye ezizela ngokwakhe engagunyaziwe, niyomamukela.

44Niyathanda ukudumisana nodwa, kodwa anilufuni udumo oluvela kulowo okunguyena yedwa uNkulunkulu. Pho-ke kungenzeka kanjani ukuba nikholwe?

45Ningacabangi ukuthi yimina engiyonethwesa icala kuBaba! UMose enigabe ngaye, nguye kanye oyonethwesa icala.

46Ukuba namkholwa uMose ngabe nangikholwa ngami, ngoba waloba ngami.

47Njengoba ningakukholwanga akulobayo, kungenzeka kanjani ukuba nikukholwe engikushoyo na? ”

UJohane 6

Izinkulungwane eziyisihlanu ziphiwa ukudla

(Mat 14:13-21; Mark 6:30-44; Luk 9:10-17)

1Kamuva uJesu wawelela ngaphesheya kwechibi laseGalile okubuye kuthiwe ngelaseThibheriya.

2Izindimbane zabantu zamlandela, ngoba zibona izimangaliso zakhe zokuphilisa iziguli.

3UJesu wenyukela entabeni nabafundi bakhe, bafike bahlala phansi.

4Kwase kusondele iPhasika umkhosi wamaJuda.

5UJesu wenyusa amehlo, wakhangwa uquqaba olukhulu lusondela kuye.

6Wayesethi kuFiliphu: “Singazithengaphi izinkwa ezanele ukuba kudle lababantu na? ” (Wakusho lokhu emvivinya; empeleni wayekwazi yena ayezokwenza.)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7UFiliphu waphendula wathi: “Izinkwa ezingabiza imali engaphezu kwamakhulu amabili ezinhlamvu zesiliva zingeke zenele ukuba yilowo nalowo athole ngisho nengcosana nje.”

8Omunye umfundi, uAndreya umfowabo kaSimoni Phetro, wathi kuJesu:

9“Nangu umfana onezinkwa zebhali eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, kepha bekuyini lokhu kubantu abangaka na? ”

10UJesu wathi kubafundi: “Hlalisani abantu! ” (Kwakukhona utshani obuningi kuleyondawo.) Base behlala abantu. Amadoda ayelapho ayebalelwa ezinkulungwaneni eziyisihlanu.

11UJesu wathatha izinkwa, wabonga kuNkulunkulu, wayesebabela ababehlezi lapho. Wenze njalo nangezinhlanzi; abantu badla beneliswa.

12Kwathi bangesutha, uJesu wathi kubafundi bakhe: “Buthani imvuthuluka, kungachitheki lutho! ”

13Base beyibutha yonke, kwagcwala amaqoma ayishumi nambili emvuthuluka yezinkwa eziyisihlanu zebhali ezazidliwe ngabantu.

14Abantu babona lesisimangaliso sikaJesu bathi: “Ngempela, lo nguyena Mphrofethi obhekiweyo ukuthi uyeza emhlabeni! ”

15Kwamkhanyela uJesu ukuthi sebehlose ukumphoqa bambeke inkosi, wayesethi nyelele elibhekise entabeni ukuba abe yedwa.

UJesu uhamba phezu kwamanzi

(Mat 14:22-27; Mark 6:45-52)

16Kuthe sekuhwalala, abafundi bakhe behlela echibini,

17bafike bangena esikebheni, baphindela emuva bawela ichibi bebheke eKhaphenawume. Kwahlwa uJesu engakafiki kubo.

18Kwavunguza umoya onamandla uzamazamisa amaza.

19Kuthe abafundi sebegwedle isikebhe ibanga elingaba ngamakhilomitha ayisihlanu noma ayisithupha, babona uJesu ehamba phezu kwamanzi eya ngokusondela esikebheni, base befikelwa ukwesaba.

20Wathi kubo: “Yimi bo, yimani isibindi ningesabi! ”

21Babefuna ukumngenisa esikebheni, base befinyelela ngokushesha lapho babeqonde khona.

Izihlwele zifuna uJesu

22Ngakusasa izihlwele zabantu ezazisasele ngaphesheya kwechibi zabona ukuthi besisinye isikebhe nokuthi uJesu akahambanga ngaso kanye nabafundi bakhe kodwa babehambe bodwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Ezinye izikebhe ezazivela eThibheriya zafika ogwini eduze kwendawo lapho abantu babedle khona isinkwa emuva kokuba iNkosi isibongile.

24Kwathi ukuba abantu babone ukuthi uJesu akekho lapho ngisho nabafundi bakhe, bangena ezikebheni baya eKhapenawume befuna uJesu.

UJesu uyisinkwa sokuphila

25Abantu bamthola ngaphesheya kwechibi bathi kuye: “Rabi, ufike nini lapha? ”

26UJesu wabaphendula wathi: “Eqinisweni lempela, beningangifuni ngoba niziqonda izimangaliso zami ukuthi zithini, kodwa beningifunela izinkwa lezi enazidla nesutha.

27Musani ukusebenzela ukudla okuphelayo! Sebenzelani ukudla okungapheliyo okuninika ukuphila okuphakade. Kungukudla eniyokwabelwa yiNdodana yesintu, ngoba uNkulunkulu uYise uyishaye uphawu oluyigunyazayo.”

28Base bembuza bethi: “Yini esinagayenza ukuba sifeze imisebenzi efunwa nguNkulunkulu na? ”

29UJesu waphendula wathi: “Umsebenzi kaNkulunkulu ukuba nikholwe kulowo amthumileyo.”

30Bambuza bathi: “Simangaliso sini ozosenza sisibone sikholwe kuwe? Uzokwenzani na?

31Okhokho badla imana ehlane njengoba umbhalo ongcwele uthi: “ ‘UNkulunkulu wabapha isinkwa esivela ezulwini badla.’ ”

32UJesu wathi: “Ngoqobo lonke, isinkwa uMose anipha sona sasingesona esivela ezulwini, kodwa nguBaba onipha isinkwa soqobo esivela ezulwini.

33Ngoba isinkwa sikaNkulunkulu siyilowo owehla ezulwini ukuba abele abasemhlabeni ukuphila.”

34Bathi kuye: “Nkosi, siphe njalo lesisinkwa! ”

35UJesu wathi kubo: “Mina ngiyisinkwa sokuphila. Lowo oza kimi kasoze alamba, nalowo okholwa kimi kasoze oma.

36“Kodwa kunjengoba ngishilo kini ukuthi ningibonile, nokho anikholwa.

37Bonke labo uBaba angipha bona bayoza kimi, nalowo oza kimi angisoze ngamlahla.

38Ngoba angehlanga ezulwini ukuba ngenze eyami intando, ngehla ukuba ngenze intando kaBaba ongithumileyo.

39Kuyintando yalowo ongithumileyo ukuba ngingalahlekelwa ngisho nangoyedwa walabo anginike bona, kodwa ngibavuse bonke ekufeni ngomhla wokuphela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40Ngoba lokhu kuyintando kaBaba ukuba yilowo nalowo obona iNdodana nokholwa kuyo abe nokuphila okuphakade. Ngiyomvusa ngomhla wokuphela.”

41AmaJuda akhonona ngoba uJesu ethe: “Ngiyisinkwa esehle ezulwini.”

42Athi: “Lomuntu kasiye yini uJesu, indodana kaJosefa na? Siyamazi uyise nonina. Pho angasho kanjani ukuthi wehle ezulwini na? ”

43UJesu waphendula wathi: “Ningakhononi phakathi kwenu!

44Umuntu angeza kimi kuphela uma uBaba ongithumileyo emholela kimi. Ngiyomvusa ekufeni ngomhla wokuphela.

45Abaphrofethi basendulo baloba bathi: ‘Bonke bayoba ngabafundiswe nguNkulunkulu.’ Yilowo nalowo oseke wamuzwa uBaba wafunda kuye uyaye eze kimi.

46Akungoba kukhona oseke wabona uBaba, ngaphandle kwalona ovela kuNkulunkulu; nguyena obone uBaba.

47“Ngiqinisile uma ngithi kini, okholwayo unakho ukuphila okuphakade.

48Mina ngiyisinkwa sokuphila.

49Okhokho benu badla imana ehlane kodwa badlula bafa.

50Kepha lesisinkwa esehla ezulwini siyiloluhlobo okuthi umuntu angaludla angabe esafa.

51Mina ngiyisinkwa esiphilisayo esehle ezulwini. Umuntu odla lesisinkwa uyophila ungunaphakade. Lesisinkwa engiyophana ngaso singumzimba wami, ngisinika umhlaba ukuba uphile.”

52AmaJuda aphikisana abuzana odwa athi: “Lomuntu angasinika kanjani umzimba wakhe ukuba siwudle na? ”

53UJesu wathi kubo: “Ngiqinisile ngiyanitshela ngithi, uma ningawudli umzimba weNdodana yesintu niphuze igazi layo, akukho kuphila kini.

54Umuntu odla umzimba wami aphuze igazi lami unokuphila okuphakade, ngiyomvusa ekufeni ngomhla wokuphela.

55Ngoba umzimba wami ungukudla isibili, negazi lami liyisiphuzo isibili.

56Odla umzimba wami aphuze igazi lami uhlala ekimi nami ngihlala ngikuye.

57UBaba ophilayo ungithumile, ngiphila ngaye. Kanjalo futhi lowo odla mina uyophila ngami.

58Sinjalo-ke lesisinkwa esehle ezulwini. Asinjengesinkwa esadliwa ngokhokho benu badlula bafa. Odla lesisinkwa uyophila ungunaphakade.”

59UJesu wakusho lokhu efundisa esinagogeni eKhaphenawume.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Amazwi okuphila okuphakade

60Abaningi babalandeli bakaJesu kwathi bangakuzwa lokhu base bethi:
“Lemfundiso ilukhuni. Ngubani ongayimela na? ”

61UJesu wezwa igazi limtshela ukuthi bayakhonona ngalokhu, ngakhoke wathi
kubo: “Lokhu kuyanicasula na?

62Ningathini uma ningase nibone iNdodana yesintu yenyukela lapho yayikhona
na?

63Ukuphila kuvela ngoMoya kaNkulunkulu, amandla omuntu awasizi ngalutho.
Amazwi engiwakhulume kini anguMoya kaNkulunkulu, angukuphila.

64Nokho abanye benu kabakholwa.” UJesu wayaze kusukela ekuqaleni ukuthi
ngobani abangakholwayo nokuthi ngubani ozothengisa ngaye ezitheni.

65Wayesethi: “Yingakhoke ngithe kini akekho ongeza kimi uma engakuphiwe
nguBaba.”

66Abaningi babalandeli bakhe kwathi bangakuzwa lokho bahlehla, ababe
besahamba naye.

67UJesu wayesebuza abayishumi nambili wathi: “Nani senifuna ukungishiya na? ”

68USimoni Phetro wamphendula wathi: “Nkosi, sikushiye siye kubani na? Amazwi
okuphila okuphakade akuwe.

69Siyakholwa, siyazi ukuthi nguwe oyiNgcwele kaNkulunkulu.”

70UJesu waphendula wathi: “Anginikhethanga yini nina eniyishumi nambili na?
Kepha omunye wenu ungusathane? ”

71Wayegudlise kuJudasi umntakaSimoni Iskariyothe, omunye wabayishumi
nambili, owayezogcina esechilizele uJesu ezitheni.

UJohane 7

Ukungakholwa kwabafowabo bakaJesu

1Emuva kwalokhu uJesu wahambahamba eGalile, engathandi ukubonakala
ehamba kwelaseJudiya, ngoba izikhulu zamaJuda zazicuthele ukumbulala.

2Kwase kusondele umkhosi wamadokodo ogidwa ngamaJuda.

3Abafowabo bakaJesu bathi kuye: “Suka lapha uye kwelaseJudiya ukuze abalandeli
bakho nabo babone imisebenzi oyenzayo!

4Akukho muntu owenza utho esithe uma efuna ukwaziwa. Njengoba uyenza
lemisebenzi, ziveze obala kubantu bonke ukuze waziwe.”

5Nabafowabo imbala kabakholwanga kuye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6UJesu wathi kubo: “Ithuba lami alikazilethi, kodwa nina noma yisiphi isikhathi sinilungele.

7Ngeke unizonde umhlaba, kodwa mina uyangizonda ngoba ngifakaza ngemisebenzi yawo ukuthi mibi.

8Nina hambani niye emkhosini! Mina angiyi lapho, ngoba ithuba lami alikafiki.”

9Wakusho lokhu, wasala eGalile.

UJesu usemkhosini wamadokodo

10Kodwa kuthe abafowabo sebehambile baya emkhosini, naye uJesu waya kuwo. Lokho akakwenzanga obala, kodwa wakwenza isinyenyela.

11Izikhulu zamaJuda zazimcinga emkhosini. Zabuza zathi: “Ngabe uphi na? ”

12Izihlwele zabantu zavungazela ngaye kakhulu. Abanye bathi: “Ungumuntu olungileyo.” Abanye-ke baphika bathi: “Qha, wedukisa abantu.”

13Kodwa akukho muntu owaphumela obala wakhuluma ngaye, ngoba babesaba izikhulu zamaJuda.

14Kuthe umkhosi usuphakathi naphakathi, uJesu wangena ethempelini wafundisa.

15Izikhulu zamaJuda zamangala zathi: “Ngabe lomuntu uluthathaphi ulwazi olungaka, njengoba engafundile nje? ”

16UJesu waphendula wathi: “Engikushoyo akusiyona imfundiso yami, kodwa kuvela kongithumileyo.

17Wonke umuntu ofuna ukwenza intando kaBaba uyokwazi ukuthi engikufundisayo ngikuthatha kuNkulunkulu yini noma ngizikhulumela okwami nje.

18Umuntu ozikhulumela okwakhe usuke ezifunela udumo lwakhe. Kodwa ofuna udumo lwalowo omthumileyo uqinisile, akananko hliso neze.

19UMose akaninikanga umthetho yini na? Kodwa awugcinwa muntu phakathi kwenu. Nifuna ukungibulalelani pho? ”

20Izihlwele zaphendula zathi: “Awu suka! Unedimoni wena! Ngubani ofuna ukukubulala? ”

21UJesu waphendula wathi: “Ngasenza saba sinye isimangaliso, nisamangele nonke.

22Niyaye nisoke umntwana ngisho nangesabatha, ngoba uMose wayethe anosoka amadodana enu ngosuku lwesiphohlongo ezelwe. (Nokho lomthetho awuveli kuMose wavela kokhokho benu.)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Uma nikwazi ukusoka umntwana kuyisabatha ukuze nigcine umthetho kaMose,
pho yini ningithukuthelele uma ngisindise umuntu waphila saka mhla kuyisabatha
na?

24Ningahluleli ngokubuka kwamehlo, kodwa yahlulelani ngobuqotho! ”

UJesu unguMesiya na?

25Kwase kukhuluma abathile baseJerusalema bathi: “Akuyena yini lomuntu
izikhulu ezifuna ukumbulala na?

26Ake nibheke! Ukhuluma isidanasi, kepha zithule azisho lutho kuye. Ngabe
mhlawumbe seziyazi yini izikhulu ukuthi lona unguMesiya na?

27Kodwa mhla uMesiya eza, akukho muntu oyomazi lapho evela khona, kepha
lomuntu siyamazi lapho evela khona.”

28UJesu wayefundisa ethempelini, wamemeza ngezwi elikhulu wathi: “Konje nithi
niyangazi, nazi nokuthi ngivelaphi na! Angizizelanga mina ngokwami, kodwa lowo
onguYenayena ungithumile. Nina animazi,

29kodwa mina ngiyamazi ngoba ngivela kuye, nguye ongithumileyo.”

30Base befuna ukumbamba, kodwa akukho muntu owake wazama ukumdumela,
ngoba isikhathi sakhe sasingakafiki.

31Ezihlweleni kwakukhona abantu abaningi abakholwa kuye base bethi: “Mhla
uMesiya eza, nisho ukuthi uyokwenza izimangaliso eziningi ezedlula ezenziwa
yilomuntu na? ”

Kuthunyelwa ogqayinyanga ukuba babophe uJesu

32Abafarisi bezwa abantu bevungazela besho lezozinto ngoJesu. Base besuka
kanye nezikhulu zabaphristi, bathumela ogqayinyanga ukuba bambophe.

33UJesu wathi: “Ngisahleli nani isikhashana, bese ngibuyela kuBaba
ongithumileyo.

34Niyongifuna kepha aniyikungithola, ngoba ngeke niye lapho ngiyobe ngikhona.”

35Izikhulu zamaJuda zabuzana zodwa zathi: “Yikuphi lapho ethi uzoya khona
singabe sisamthola na? Nithi uzoya kwabakithi asebasakazeka izwe lonke, afike
afundise abezizwe na?

36Phela uthi siyomfuna singamtholi, abuye athi ngeke siye lapho eyobekhona.
Ngabe usho ukuthini na? ”

Imifula yamanzi aphilisayo

37Kuthe ngosuku olwalulukhulu kakhulu okwaphethwa ngalo umkhosi, uJesu
wasukuma wamemeza ngezwi elikhulu wathi: “Uma kukhona owomileyo, akeze
kimi aphuze!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

38Okholwa kimi kuyogobhoza enhliziyweni yakhe imifula yamanzi aphilisayo,
njengoba kusho imibhalo engcwele.”

39Wayekukhuluma lokhu mayelana noMoya oyiNgcwele ababezowemukela
abakholwa kuye. Ngalesosikhathi uMoya wawungakemukelwa muntu, ngoba
uJesu wayengakanikwa udumo.

Ukungezwani phakathi kwabantu ngoJesu

40Base bemuzwa abanye ezihlweleni ekhuluma kanjalo, bathi: “Impela
unguMphrofethi lomuntu! ”

41Abanye bathi: “UnguMesiya! ” Kepha abanye bathi: “UMesiya ngeke avele
eGalile!

42Awusho yini umbhalo ongcwele ukuthi uMesiya uyoba ngowozalo lwenkosi
uDavide avele eBhetlehema, umzana okwakuhlala kuwo uDavide na? ”

43Kwadaleka ukungezwani ngaye ezixukwini.

44Abanye babefuna ukumbamba, kodwa akukho muntu owamthintayo.

Ukungakholwa kwezikhulu zamaJuda

45Ogqayinyanga babuyela ezikhulwini zabaphristi nakubafarisi. Zababuza zathi:
“Animlethanga ngani na? ”

46Ogqayinyanga baphendula bathi: “Akukho muntu osewake wakhulumisa
okwakhe! ”

47Abafarisi bathi kubo: “Kanti nani uniluthile na?

48Ukhona yini ezikhulwini noma kubafarisi enake namuzwa ethi ukholwa kuye na?

49Kepha loluntukazana aluwazi umthetho kaMose, ngakhoke luqalekisiwe.”

50UNikodima, omunye wabafarisi owake waya kuJesu, wayesethi kubo:

51“Umthetho uyasivumela yini ukuba silahle umuntu ngecala singakamuzwa,
sizwe ukuthi wenzeni na? ”

52Baphendula bathi: “Konje nawe ungowaseGalile na? Hlolisisa kahle imibhalo
engcwele, uzothola ukuthi akukho mphrofethi ongowokudabuka kwelaseGalile! ”

Owesifazane owabanjwa ephinga

[53Babuyela bonke emakhaya, kodwa uJesu waya eNtabeni yemiHlwathi.

UJohane 8

2Waphindela ethempelini ekuseni kakhulu ngakusasa. Sonke isixuku saya kuye
samngunga, wahlala phansi wabafundisa.

3Izazimibhalo nabafarisi baletha kuye owesifazane owayebanjwe ephinga.
Bammisa ogelweni phakathi kwabo bonke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Base bethi kuJesu: “Mfundisi, lomuntu wesifazane ubanjwe oqotsheni ephinga.

5UMose wasiyaleza emthethweni wathi abanje abakhandwe ngamatshe bafe. Wena-ke uthini? ”

6Bakusho lokho besophe ukumhila uJesu ukuze babe nebhaxa lokumethwesa icala. Kepha uJesu wagoba, waloba ngomunwe emhlabathini.

7Babelesela bembuza. UJesu waphakama, wathi kubo: “Akuqale ongenasono phakathi kwenu amshaye ngetshe! ”

8Waphinde wagoba, waloba emhlabathini.

9Lapho bekuzwa lokho, basuka bathi monyu monyu ngamunye, kwaqala ngabadala kubo. UJesu wasala yedwa, nowesifazane wayemi lapho phambi kwakhe.

10UJesu waphakama wathi: “Sifazane, sebeshonephi? Akakho yini okulahle ngecala na? ”

11Waphendula wathi: “Ngisho noyedwa, Nkosi! ” UJesu wathi kuye: “Nami angikulahli. Hamba, ungaphindi wone! ”]

UJesu ungukukhanya komhlaba

12UJesu wabuye wakhuluma kubantu wathi: “Mina ngingukukhanya komhlaba. Ongilandelayo ngeke adukuze emnyameni, kodwa uyoba nokukhanya okuyomdonsela ekuphileni.”

13Abafarisi bathi kuye: “Manje uyazifakazela, ngakhoke ubufakazi bakho abunasisindo.”

14UJesu wathi: “Qhabo bo, noma ngizifakazela, kodwa engikushoyo kuyiqiniso, ngoba ngiyazi ukuthi ngivelaphi nokuthi ngiyaphi. Nina anazi ukuthi ngivelaphi nokuthi ngiyaphi.

15Nina nehlulela ngokomhlaba, kanti mina angehluleli muntu.

16Kodwa uma ngehlulela, ukwehlulela kwami kuqotho, ngoba angikwenzi ngedwa; uBaba ongithumileyo unami.

17Kulotshiwe emthethweni wenu ukuthi uma ababili befakaza, ubufakazi babo buyokuma.

18Mina ngiyazifakazela, kanti noBaba ongithumileyo uyafakaza ngami.”

19Bambuza bathi: “Uphi pho uyihlo na? ” UJesu waphendula wathi: “Aningazi mina, animazi ngisho noBaba. Ukuba beningazi mina beniyomazi noBaba.”

20UJesu wakusho lokhu lapho efundisa ethempelini ngasohlangothini lwezitsha zomnikelo. Akukho muntu owambophayo, ngoba isikhathi sakhe sasingakafiki.

“Ngeke niye lapho ngiya khona”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Wabuye wathi kubo: “Ngiyomuka bese ningifuna, kodwa niyofela ezonweni
zenu. Ngeke niye lapho ngiya khona.”

22Izikhulu zamaJuda zase zithi: “Uthi lona ngeke siye lapho eya khona. Ngabe
kusho ukuthi uzozibulala na? ”

23UJesu waphendula wathi: “Nina ningabalapha emhlabeni, kodwa mina ngivela
kweliphezulu. Ningabantu balomhlaba, kodwa mina angisiye walomhlaba.

24Yingakho nginitshelile ngathi niyofela ezonweni zenu. Niyofela ezonweni zenu
uma ningakholwa ukuthi nginguye okhona.”

25Bambuza bathi: “Ungubani na? ” UJesu waphendula wathi: “Ngisakhulumelani
nje nani na?

26Kuningi engingakusho ngani nginahlulele. Kepha uBaba ongithumileyo uqinisile.
Umhlaba ngiwutshela kuphela lokho engikuzwe kuye.”

27Babengaqondi ukuthi ukhuluma kubo ngoYise osezulwini.

28UJesu wathi kubo: “Nxa seniyiphakamisile iNdodana yesintu, niyokwazi ukuthi
nginguye okhona. Bese nazi ukuthi angenzi lutho ngegunya lami, kodwa kuphela
lokho engikutshelwe nguBaba.

29Lowo ongithumileyo unami, akangishiyile ngiyinhlwa, ngoba ngilokhu ngenza
lokho okuthandeka kuye.”

30Baningi abamuzwa ekukhuluma lokhu bakholwa kuye.

“Iqiniso liyonikhulula”

31UJesu wakhuluma kulawomaJuda ayekholwa kuye wathi: “Uma nibambelela
emfundisweni yami niyigcine, ningabafundi bami isibili,

32niyolazi iqiniso, iqiniso liyonikhulula.”

33Abantu baphendula bathi: “Thina singabozalo luka-Abhrahama, asizange sibe
yizigqila zamuntu. Usho ukuthini uma uthi siyokhululwa na? ”

34UJesu wathi kubo: “Ake nilalele nginitshele! Wonke umuntu owonayo uyisigqila
sesono.

35Isigqila asihlali emndenini umlibe, kodwa indodana ihlala ingeyakhona njalo.

36Uma iNdodana inikhulula, niyoba ngabakhululekile ngempela.

37Ngiyazi ukuthi ningabozalo luka-Abhrahama. Nokho nifuna ukungibulala, ngoba
imfundiso yami ayitholi ndawo kinina.

38Mina ngikhuluma ngento engiyibone kuBaba, kodwa nina nenza enikutshelwe
nguyihlo.”

39Bamphendula bathi: “Ubaba nguAbhrahama.” UJesu wathi: “Ukuba impela
benizalwa nguAbhrahama beniyokwenza imisebenzi ka-Abhrahama.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40Kodwa manje nifuna ukungibulala, mina kanye onitshele iqiniso engilizwe kuNkulunkulu. UAbhrahama kazange ayenze into enjengalena.

41Nenza imisebenzi kayihlo.” Baphendula bathi: “Thina asiyizo izingane zesihlahla; sinoBaba munye, uNkulunkulu.”

42UJesu wathi kubo: “Ukuba uNkulunkulu ubenguYihlo beniyongithanda, ngoba ngilapha nje ngivela kuNkulunkulu. Angizizelanga ngokuthanda kwami, kodwa nguye owangithumayo.

43Kwenziwa yini kunganikhanyeli enginitshela khona na? Yingoba ningeyimele imfundiso yami.

44Ningabakayihlo uSathane, nithanda ukufeza izifiso zakhe. Wayengumbulali kusukela ekuqaleni, engazange ame eqinisweni, ngoba alikho neze iqiniso kuye. Uma ekhuluma amanga usuke enza khona impela okusegazini lakhe, ngoba unguhubhukabhejane noyise wamanga.

45Mina-ke, ngoba nakhu nginitshela iqiniso, anithandi ukungikholwa.

46Ngubani kini ongaqinisa athi nginesono na? Uma iqiniso ngilikhuluma, pho aningikholwa ngani na?

47Lowo ovela kuNkulunkulu uzwa amazwi kaNkulunkulu. Nina-ke aniveli kuNkulunkulu, ngakhoke anikulaleli engikushoyo.”

“UAbhrahama engakazalwa mina ngikhona”

48AmaJuda athi kuye: “Akulona yini iqiniso lokhu esikushoyo ukuthi ungumSamariya futhi unedimoni na? ”

49UJesu waphendula wathi: “Anginadimoni mina, kodwa ngidumisa uBaba, nina-ke niyangijivaza.

50Mina angizifuneli olwami udumo. Kodwa ukhona olufunayo okunguyena engumahluleli.

51Ngiyaqinisa impela ngithi, lowo ogcina imfundiso yami akasoze afa nanini.”

52AmaJuda athi kuye: “Impela yima kusikhanyelayo manje ukuthi idimoni unalo! UAbhrahama wafa, nabaphrofethi bafa, kodwa wena usathi lowo ogcina imfundiso yakho akasoze afa nanini.

53Umkhulu ngaphi wena kunoAbhrahama ukhokho esazifela na? Bafa futhi abaphrofethi. Ucabanga ukuthi uyini nje lena ozenza yona? ”

54UJesu waphendula wathi: “Uma ngizidumisa mina, udumo lwami luyize. NguBaba onginika udumo, lowo enithi unguNkulunkulu wenu.

55Animazi, kepha mina ngiyamazi. Uma ngingase ngithi angimazi, ngabe ngiqamba amanga njengani. Kodwa ngiyamazi, ngigcina izwi lakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

56Uyihlo uAbhrahama wakuthokozela kakhulu ukuthi wayezobona isikhathi sokufika kwami; wasibona wajabula.”

57AmaJuda athi kuye: “Awukahlanganisi kwaminyaka engamashumi ayisihlanu, kodwa uthi wabona uAbhrahama na? ”

58UJesu waphendula wathi: “Ngoqobo lonke, uAbhrahama engakazalwa mina ngikhona.”

59Ayesecosha amatshe ezomjikijela ngawo, kodwa uJesu wawedukela wasuka wemuka ethempelini.

UJohane 9

UJesu uphilisa indoda eyazalwa iyimpumputhe

1Kuthe uJesu edlula ngendlela wabona indoda elokhu yazalwa iyimpumputhe.

2Abafundi bakhe bambuza bathi: “Rabi, kwakone bani, nguye lona noma abazili bakhe angaze azalwe eyimpumputhe na? ”

3UJesu waphendula wathi: “Ayonanga lendoda ngisho nabazali bayo, kodwa kwenzeka lokhu ukuba kubonakaliswe amandla kaMvelinqangi kuyo.

4Simelwe ukufeza imisebenzi kaBaba ongithumileyo kusesemini; buyeza ubusuku lapho kungasenakusebenza muntu.

5Uma ngisesemhlabeni ngingukukhanya okukhanyisa emhlabeni.”

6Wakusho lokhu wafela amathe emhlabathini, wacuba udaka ngamathe. Wayeseninda amehlo empumputhe ngalo,

7esethi kuyo: “Hamba ufike ugeze echibini laseSilowama! ” (Leligama lihunyushwa ngokuthi ngoThunyiweyo). Indoda yahamba yafike yageza, yabuya isibona.

8Omakhelwane bayo kanye nalabo ababekade beyibona inqiba bathi: “Akusiye nje lomuntu owayehlala enqiba na? ”

9Abanye bathi: “Impela nguye,” kodwa abanye bathi: “Qha, akuyena, kodwa ufana naye.” Lendoda yathi: “Nginguye.”

10Bayibuza bathi: “Pho amehlo akho avuleke kanjani na? ”

11Waphendula yathi: “Lomuntu othiwa nguJesu ucube udaka, wangininda ngalo emehlweni, wayesethi angihambe ngigeze eSilowama. Ngaya-ke ngafike ngageza ngavuleka amehlo.”

12Bambuza bathi: “Uphi lomuntu na? ” Waphendula wathi: “Angazi.”

Abafarisi baphenya ngokuphiliswa kwempumputhe

13Babemthatha njalo bemqhuba bemusa kubafarisi lomfokazi obekade eyimpumputhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14 UJesu ucube udaka mhlazana kuyisabatha, emelapha emehlo.

15 Abafarisi nabo bambuza umfokazi ukuthi kwenzeke kanjani ukuba abone na. Wathi kubo: “Ungininde ngodaka emehlweni, ngahamba ngageza, manje sengiyabona.”

16 Abanye abafarisi bathi: “Lomuntu owenze lokhu kaveli kuNkulunkulu, ngoba akawuhloniphi umthetho wesabatha.” Abanye bathi: “Umuntu oyisoni angazenza kanjani izimangaliso ezinje? ” Base benqamukana phakathi.

17 Abafarisi bayibuze futhi lendoda eyayikade iyimpumputhe bathi: “Wena-ke uthini ngaye, njengoba ekuvule amehlo wabona na? ” Yaphendula yathi: “Ungumphrofethi! ”

18 Izikhulu zamaJuda azikholwanga ukuthi lendoda yake yayimpumputhe yayisiyabona, zaze zabiza abazali bayo,

19 zababuza zathi: “Ngabe yindodana yenu le enithi yazalwa ingaboni na? Pho kwenzeka kanjani ukuba ibone manje? ”

20 Abazali bayo baphendula bathi: “Esikwaziyo ukuthi uyindodana yethu, futhi wazalwa eyimpumputhe.

21 Kodwa esingakwaziyo ukuthi kwenzeke kanjani ukuba abone. Asazi nokuthi ngubani omelaphe wabona. Mbuzeni nina, usekhulile mdala, angaziphendulela.”

22 Abazali bayo bakusho lokhu ngoba besaba izikhulu zamaJuda. Phela zase zivumelene ukuthi lowo ovuma ukuthi uJesu unguMesiya uyonqunywa ebandleni.

23 Yingakho abazali bayo bathi: “Usekhulile; uzozikhulumela.”

24 Zabuye zayimemeza ngokwesibili lendoda eyayizalwe iyimpumputhe, zathi kuyo: “Khuluma iqiniso phambi kukaNkulunkulu! Siyazi ukuthi lomuntu uyisoni.”

25 Indoda yaphendula yathi: “Angikwazi ukuthi uyisoni yini noma akayiso; kuye nje vo engikwaziyo, ukuthi bengiyimpumputhe kepha manje sengiyabona.”

26 Zayibuza zathi: “Wenzeni kuwe na? Ukwelaphe kanjani emehlweni na? ”

27 Yaphendula yathi: “Kade nginitshela, kodwa anaze nalalela. Nithandelani ukuba ngiphinde engikushilo na? Ngabe nani nifuna ukuba ngabafundi bakhe na? ”

28 Base beyijakaja bathi kuyo: “Nguwe ongumfundi walomuntu, thina singabafundi bakaMose.

29 Siyazi ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuMose, kodwa lomuntu asimazi lapho evela khona.”

30 Indoda yaphendula yathi: “Kuyamangalisa ukuthi animazi lapho evela khona, ingani ungelaphe amehlo ngabona.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31Siyazi ukuthi uNkulunkulu akazilaleli izoni; ulalela labo abamhloniphayo benze intando yakhe.

32Selokhu kwathi nhlo nake nezwaphi kuthiwa kunomuntu owelapha amehlo omuntu owazalwa eyimpumputhe?

33Ukuba lomuntu ubengaveli kuNkulunkulu ubengeke enze lutho."

34Bamphendula bathi: "Wazalwa uyisoni, wena usungafundisa thina na? " Base bemxosha.

Ubumpumputhe ngokomoya

35UJesu wezwa ukuthi lendoda bayixoshile. Kuthe angayithola wayibuza wathi: "Uyakholwa yini eNdodaneni yesintu na? "

36Yamphendula yathi: "Ngitshele Nkosi ukuthi ingubani bese ngikholwa kuyo! "

37UJesu wathi kuyo: "Usuyibonile, yiyo le ekhuluma nawe manje."

38Yathi: "Nkosi, ngiyakholwa! " Yayisikhuleka kuye.

39UJesu wahi: "Ngeza lapha emhlabeni ukuba ngahlulele, ukuze izimpumputhe zibone, kuthi labo abebevele bebona babe yizimpumputhe."

40Kwakukhona abafarisi abathile ababenaye lapho. Bamuzwa esho njalo, bambuza bathi: "Usho ukuthi nathi siyizimpumputhe na? "

41UJesu wabaphendula wathi: "Ukuba beniyizimpumputhe beningeke nibe necala; kodwa manje nithi niyabona. Ngakhoke nohlala ninesono."

UJohane 10

UJesu uzekelisa ngesibaya sezimvu

1UJesu wathi: "Eqinisweni lempela, umuntu ongangeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa efohla kwenye indawo, ngempela uyisela nomphangi.

2Ongena ngesango ungumelusi wezimvu.

3Umlindisango uyaye amvulele, izimvu zizwe iphimbo lakhe, abesebiza ezakhe ngamagama, azihole azikhiphe esibayeni.

4Uzikhipha zonke ezakhe azihole, bese zimlandela izimvu, ngoba ziyalazi iphimbo lakhe.

5Ngeke zimlandele umuntu wokuhamba ongaziwayo, kodwa zombalekela, ngoba zingalazi iphimbo labantu bokuhamba."

6UJesu wabalandisa lokhu ezekelisa, kodwa akubakhanyelanga ukuthi zinto zini ayebatshela zona.

UJesu ungumalusi olungileyo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7UJesu wabuye wathi: “Ngiqinisile uma ngithi kini, mina ngiyisango lesibaya sezimvu.

8Bonke abafike kuqala kunami bangamasela nabaphangi, kodwa izimvu azibezwanga.

9Mina ngiyisango, uma umuntu engena ngami uyosindiswa, angene aphume aklabe edlelweni.

10Isela lingena kuphela ukuba lebe libulale libhubhise. Mina kodwa ngize lapha ukuba bathole ukuphila, babe nakho kuvame.

11“Mina ngingumalusi olungileyo. Umalusi olungileyo udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu.

12Umuntu osuke eqashiwe, izimvu zingezona ezakhe, engesiye futhi umelusi wazo, unele abone inkentshane ligasela abaleke ashiye izimvu bese lifika lizidwengula zihlakazeke.

13Ingani uqashiwe, akanamsebenzi nezimvu.

14Mina ngingumalusi olungileyo. Ngiyazazi ezami, nazo futhi ziyangazi,

15njengalokhu ngaziwa nguBaba nami ngimazi uBaba. Ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu.

16Nginezinye izimvu futhi ezingesizo ezalesisibaya. Kumele ngiziqoqe nazo. Ziyolizwa iphimbo lami, bese ziba mhlambi munye zonke, onomalusi oyedwa.

17“UBaba uyangithanda ngoba ngidela ukuphila kwami ngibuye ngikuzuze futhi.

18Akukho muntu ongephuca ukuphila kwami, kodwa ngikudela ngokuthanda kwami. Nginamandla okukudela, nginamandla okubuye ngikuzuze. Yilokhu uBaba angithume ukuba ngikwenze.”

19Abuye anqamukana phakathi amaJuda ngenxa yalamazwi akhe.

20Amaningi kuwo athi: “Unedimoni, useyahlanya! Nimlalele ukuthini nje? ”

21Kodwa abanye bathi: “Umuntu onedimoni ngeke akhulume kanje. Idimoni lingawavula yini amehlo ezimpumputhe zibone? ”

AmaJuda aqhubukusha uJesu

22Kwase kugidwa umkhosi kukhunjulwa ukuvulwa kwethempeli, ugujwa emzini waseJerusalema.

23Kwakusebusika; uJesu wayehamba phakathi ethempelini emhubheni okuthiwa ngokaSolomoni.

24AmaJuda ayesemhaqa uJesu ambuza athi: “Koze kube nini singakuqondi ukuthi uyiliphi? Uma unguMesiya, sitshele ngokusobala! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25UJesu waphendula wathi: “Nginitshelile, kodwa anikholwanga. Imisebenzi engiyenza ngegunya likaBaba iyangifakazela

26kodwa anikholwa, ngoba aniyizo izimvu zami.

27Izimvu zami ziyalizwa iphimbo lami, ngiyazazi, ziyangilandela.

28Ngizinika ukuphila okuphakade, ngeke zibhubhe nanini. Aziyukuhlwithwa muntu esandleni sami.

29Lokho engikunikwe nguBaba kukhulu kunakho konke. Akukho muntu ongazihlwitha lezizimvu zami esandleni sikaBaba.

30Mina noBaba simunye.”

31AmaJuda aphinde acosha amatshe ukuba amkhande ngawo.

32UJesu wathi kuwo: “Nginibonise imisebenzi emininingi eyizicolo evela kuBaba. Yimuphi walemisebenzi eningikhandela wona ngamatshe na? ”

33AmaJuda amphendula athi: “Asikukhandi ngamatshe nje ngenxa yemisebenzi yakho emihle, kodwa sikukhanda ngenxa yokuhlambalaza kwakho uNkulunkulu. Wena ungumuntu nje, kodwa uzenza uNkulunkulu! ”

34UJesu waphendula wathi: “Akulotshiwe yini emthethweni wenu lawamazwi kaNkulunkulu athi: “ ‘Ngithe mina: Nina ningonkulunkulu.’

35“Umbhalo ungechithwe, noNkulunkulu wababiza ngokuthi bangonkulunkulu abantu labo okweza kubo izwi lakhe.

36Pho mina engakhethwa nguBaba ngahlukaniselwa ukuba ngithunyelwe emhlabeni, ningasho kanjani ukuthi ngihlambalaza uNkulunkulu ngoba ngithe ngiyiNdodana yakhe na?

37Uma ngingayenzi imisebenzi kaBaba, ninazo-ke izaba zokungakholwa kimi!

38Kodwa uma ngiyenza, kholwani okungenani lokho okufakazelwa yimisebenzi, noma ningakholwa kimi! Yikhona niyokwazi niqonde ngokupheleleyo ukuthi uBaba ukimi nami ngikuBaba sihlangene.”

39AmaJuda aphinde azama ukumbamba, kodwa waphunyula.

40UJesu waphindela ngaphesheya komfula iJordani endaweni lapho uJohane ayekade ebhabhadisela khona, wafike wahlala lapho.

41Kwasuka abantu abaningi baya kuye bafike bathi: “UJohane akenzanga zimangaliso, kodwa konke ayekusho ngalomuntu kuyiqiniso.”

42Baba baningi abakholwa kuye kuleyondawo.

UJohane 11

Ukufa kukaLazaru

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Kwagula indoda ethile, igama layo linguLazaru. WayengowaseBhethani, umzana okwakuhlala kuwo uMariya nodadewabo uMata.

[2]Nguye phela loMariya owagcoba iNkosi uJesu ngomfuma emesula izinyawo ngezinwele zakhe. Kwakugula umfowabo uLazaru.

[3]Odadewabo base bethumela kuJesu bathi: “Nkosi, umngane wakho omkhonzileyo uyagula.”

[4]Wezwa uJesu wathi: “Isiphetho salokhukugula ngeke kugcine ngokufa nje kuphela, kodwa kuzobonakaliswa ngakho ubukhosi bukaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu izitholele udumo ngakho.”

[5]UJesu wayebathanda oMata nodadewabo noLazaru.

[6]Kuthe esebikelwe ukuthi uLazaru uyagula wahlala izinsuku ezimbili kuleyondawo ayekuyo.

[7]Dukuduku usethi kubafundi bakhe: “Asiphindele eJudiya! ”

[8]Abafundi bathi kuye: “Rabi, akukapholi maseko amaJuda kade efuna ukukukhanda ngamatshe, usafuna ukubuyela khona na? ”

[9]UJesu wathi: “Angithi imini inamahora ayishumi nambili na? Uma umuntu ehamba emini akakhubeki ngoba uyakubona ukukhanya okukhanyisa lomhlaba.

[10]Kodwa uma ehamba ebusuku uyakhubeka, ngoba akukhanyi kuye.”

[11]Wakusho lokho maqede wathi kubo: “Umhlobo wethu uLazaru ulele, ngizoya ngifike ngimvuse ebuthongweni.”

[12]Abafundi bamphendula bathi: “Nkosi, uma elele uzolulama.”

[13]UJesu wayeqonde ukuthi uLazaru useshonile, kodwa bona babethi ukhuluma ngokulala ubuthongo.

[14]UJesu wabatshela ngokusobala wathi: “ULazaru ufile.

[15]Kube kuhle nokho ukuba ngingabi bikho. Ngiyajabula ngenxa yenu ngoba lokho kuyonenza nikholwe. Asiye kuye manje! ”

[16]UTomasi okuthiwa nguDidimu wathi kubafundi ayekanye nabo: “Asihambeni nathi sife kanye naye! ”

UJesu ungukuvuka nokuphila

[17]UJesu wafika wathola ukuthi sekuphele izinsuku ezine uLazaru angcwatshwa.

[18]IBhethani laliseduze naseJerusalema, liqhelelene nalo ngamakhilomitha amathathu.

[19]Kwakufika amaJuda amaningi ezokhuza, aduduze uMata noMariya ngokushonelwa kwabo ngumfowabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Kwathi ukuba uMata ezwe ukuthi uJesu uyeza, waphuma wamhlangabeza,
kodwa uMariya wahlala endlini, akaze aphuma.

21UMata wathi kuJesu: “Nkosi, ukuba ubukhona umfowethu ngabe akafanga.

22Kodwa ngiyazi ukuthi ngisho namanje uNkulunkulu uyokunika noma yini
oyicela kuye.”

23UJesu wathi: “Umfowenu uzovuka futhi.”

24UMata wamphendula wathi: “Ngiyazi ukuthi uyovuka mhla kuvuka abafileyo
ekupheleni komhlaba.”

25UJesu wathi kuye: “Mina ngingukuvuka nokuphila. Okholwa kimi, noma angafa
kodwa uyophila.

26Wonke umuntu ophilayo ekholwa kimi akasoze afa nanini. Uyakukholwa yini
lokhu na? ”

27Waphendula wathi: “Yebo Nkosi, ngiyakholwa ukuthi unguMesiya iNdodana
kaNkulunkulu ebhekiweyo ukuthi iyeza emhlabeni.”

UJesu uyakhala

28Esekushilo lokhu uMata wasuka wambizela ngasese udadewabo uMariya,
wafike wathi kuye: “UMfundisi usefikile, uthi angikubize.”

29Kuthe uMariya angakuzwa lokho wathi lacu wahamba wamhlangabeza.

30UJesu wayengakafiki emzaneni lowo, kodwa esekuleyondawo lapho uMata
ayemhlangabeze khona.

31Endlini kwakukhona amaJuda ayeduduza uMariya. Kuthe angambona ethi lacu
ephuma, asuka amlandela. Ayethi uyokhala ethuneni.

32UMariya wafika kuleyondawo uJesu ayekuyo. Kuthe angambona wazilahla
phambi kwakhe wathi: “Nkosi ukuba ubukhona umfowethu ngabe akafanga.”

33Kuthe lapho uJesu embona ekhala, kukhala ngisho namaJuda ayenaye,
wathinteka kakhulu emoyeni, ekhathazekile,

34wayesebabuza ethi: “Nimngcwabephi na? ” Bamphendula bathi: “Nkosi, woza
ubone! ”

35UJesu wakhala.

36AmaJuda ayesethi: “Ake nibheke ukuthi ubemthanda kangakanani! ”

37Kepha amanye awo athi: “Lo wavula amehlo empumputhe yabona. Pho
ubengevimbe yini ukuba uLazaru angafi? ”

Ukuvuswa kukaLazaru ekufeni

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

38UJesu wayesekhathazeka kakhulu futhi emoyeni, waya ethuneni. Lalingumhume, ligibekelwe ngenguzunga yetshe ekungeneni kwalo.

39UJesu wathi: “Susani lelitshe! ” UMata udadewabo kamufi wathi: “Nkosi, useyanuka ngoba sekudlule izinsuku ezine.”

40UJesu wathi kuye: “Angikutshelanga yini ukuthi uma ukholwa uyobona ubukhosi bukaNkulunkulu? ”

41Bayisusa-ke inguzunga yetshe. UJesu wenyusela amehlo phezulu wakhuleka wathi: “Baba, ngiyakubonga ngoba uyangizwa.

42Ngiyazi ukuthi ungizwa njalo, kodwa ngikusho lokhu ngenxa yalababantu abemi lapha, ukuba bakholwe ukuthi nguwe ongithumileyo.”

43Wakusho lokho, wayesememeza ngelikhulu wathi: “Lazaru, phuma! ”

44Umufi waphuma ethandelwe ngezindwangu ezandleni nasezinyaweni, ubuso bakhe bushuqulwe ngesiqephu sendwangu. UJesu wathi kubo: “Mthukululeni, nimyeke ahambe! ”

Icebo lokubulala uJesu

(Mat 26:1-5; Mark 14:1-2; Luk 22:1-2)

45Kuthe amaJuda amaningi ayekade eye kuMariya esebona akwenzile uJesu akholwa kuye.

46Kodwa amanye awo aya kubafarisi, afike abaxoxela okwenziwe nguJesu.

47Izikhulu zabaphristi kanye nabafarisi base bebiza umkhandlu bathi: “Sizokwenze njani njengoba lomuntu enze imigilingwane eminingi na?

48Uma simyeka aqhubeke kanje, bonke abantu bazokholwa kuye, bese kufika amaRoma abhubhise ithempeli lethu nesizwe sakithi.”

49Omunye wabo, uKhayifase, owayengumphristi omkhulu ngalowonyaka wathi kubo: “Naze nayizithutha bo!

50Aniboni ukuthi kunilungele ukuba kufe umuntu oyedwa ngenxa yesizwe sakithi, kunokuba isizwe sonke sibhujiswe.”

51Phela, lokhu ayekusho kwakungasuki kuye nje, kodwa ngenxa yokuthi wayengumphristi omkhulu ngalowonyaka, wabikezela ukuthi uJesu uzofela isizwe samaJuda,

52angagcini ngokufela isizwe nje, kodwa afe ukuba aqoqele ndawonye abantwana bakaNkulunkulu abahlakazekileyo babe munye.

53Kwasukela ngalelolanga izikhulu zamaJuda zenza icebo lokubulala uJesu.

54Ngakhoke akabange esahamba obala kwelaseJudiya, kodwa wemuka waya endaweni eseduze nehlane emzini okuthiwa yiEfrayimu, wafike wahlala lapho nabafundi bakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

55Kwasondela iPhasika, umkhosi wamaJuda. Usuku lomkhosi lwalungakafiki,
kwase kwenyukela eJerusalema abantu abaningi ababevela emaphandleni, ukuba
bagcine isiko lokuhlanjululwa.

56Babefuna uJesu bemi ethempelini, bafakana imilomo bathi: “Ake nisho! Nithi
ngabe uyeza emkhosini na? ”

57Izikhulu zabaphristi kanye nabafarisi babekhiphe izwi lokuthi lowo ongahle
amazi lapho ekhona, akobabikela nce bambophe.

UJohane 12

UJesu ugcotshwa ngomfuma eBhethani

(Mat 26:6-13; Mark 14:3-9)

1Kwathi sekusele izinsuku eziyisithupha kushaye iPhasika, uJesu waya eBhethani
lapho kwakuhlala khona uLazaru, indoda ayeyivuse ekufeni.

2Benzela uJesu idili ukuba bambungaze. UMata wayaba ukudla etafuleni. ULazaru
wayengomunye wababehlezi bedla noJesu.

3UMariya wayesethatha ingxenye yelitha yamakha omfuma okuthiwa yinardi,
umfuma wakwanokusho wentengo enkulu. Wawuthela ezinyaweni zikaJesu,
wamesula ngezinwele zakhe; indlu yonke yathaphuka amakha.

4Omunye wabafundi, uJudasi Iskariyothe owayezochilizela uJesu ezitheni wathi:

5“Lomfuma wakwanokusho awuthengiswanga ngani ukuba kuzuzwe imali
eyizinhlamvu zesiliva ezingamakhulu amathathu bese inikwa abampofu na? ”

6Wakusho lokhu, kungengoba ekhathalela abampofu kodwa ngoba wayeyisela.
Wayengumphathisikhwama edamane eyikhwabanisa imali esikhwameni.

7Kepha uJesu wathi: “Myekeni owesifazane! Phela, ubewagcinile lawamakha aze
angigcobe ngawo namuhla, kulungiselwe ukumbelwa kwesidumbu sami.

8Izimpofana niyohlala ninazo njalo, mina anizukuba nami njalo.”

Izikhulu zabaphristi zihlose ukubulala uLazaru

9Sase sizwa isixuku esikhulu samaJuda ukuthi uJesu useBhethani. Sanikela khona,
singayile kuye kuphela, kodwa sifuna ukubona noLazaru ayemvuse ekufeni.

10Kepha izikhulu zabaphristi zakha icebo lokuba zimbulale noLazaru,

11ngoba phela lendaba yakhe yabanga amaJuda amaningi ukuba abahlamuke
akholwe kuJesu.

UJesu ungena ngodumo eJerusalema

(Mat 21:1-11; Mark 11:1-11; Luk 19:28-40)

12Ngakusasa izihlwele zabantu ezaziye emkhosini wePhasika zezwa ukuthi uJesu
uyeza eJerusalema.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Zase zithatha amahlamvu esundu, zaphuma zamhlangabeza zamemeza zathi:
“Bayede! Ayibongwe ngegama likaSimakade leNkosi abayibika ukuthi iyeza! Ume
njalo, Nkosi yakwaIsrayeli! ”

14UJesu wafica imbongolo, wayigibela, njengoba kulotshiwe embhalweni ukuthi:

15“Yima isibindi ungesabi wena muzi waseZiyoni! Nansi iNkosi yakho iza igibele
inkonyane yembongolo! ”

16Abafundi bakhe kabakuqondanga lokho ngalesosikhathi, kodwa kwathi uJesu
esenikwe udumo lwenkazimulo kaNkulunkulu, bakhumbula ukuthi umbhalo
ongcwele wakukhuluma lokhu ngaye nokuthi abantu bakwenza lokhu kuye.

17Isixuku esasikade sinaye mhla evusa uLazaru ekufeni ethi akaphume ethuneni,
samfakazela.

18Kuthe lapho izihlwele zabantu sezizwile ukuthi wenze lesisimangaliso
zamhlangabeza.

19Abafarisi base befakana imilomo bethi: “Niyabona nje ukuthi anilungelwa lutho!
Ake nimbheke, ulandelwa yizwe lonke.”

Abezizwe abathile bafuna ukubona uJesu

20Kwakukhona abathile bezizwe phakathi kwalababantu abenyukela eJerusalema
ukuba bakhuleke khona ngesikhathi somkhosi.

21Baya kuFiliphu (owayengowaseBhetsayida kwelaseGalile), bafike bathi:
“Mnumzane, besifisa ukubona uJesu.”

22UFiliphu wasuka wayotshela uAndreya, base beya bobabili, bafike batshela
uJesu.

23UJesu wabaphendula wathi: “Sekuyiso isikhathi sokuba iNdodana yesintu ithole
udumo.

24Ngiyanitshela impela ngithi, uma uhlamvu lwamabele lutshalwa emhlabathini
lungaboli, luyohlala lunjalo luwuhlamvu olulodwa, kodwa uma lubola lumile
luyothela inqwaba yamabele.

25Othanda ukuphila kwakhe kuyomlahlekela, kanti-ke ozonda ukuphila kwakhe
lapha emhlabeni, uyokulonda ukuba athole ukuphila okuphakade.

26Uma umuntu efuna ukuba yinceku yami, akangilandele; lapho ngikhona,
nenceku yami iyakuba lapho. Uma umuntu engikhonza, uBaba uyomazisa lowo.

UJesu ubikezela ukufa kwakhe

27“Umoya wami ulusizi manje. Ngizothini na? Ngithi: Baba ngisindise ungikhiphe
kulesisikhathi sobunzima, na? Cha, ngezela lesisizathi, ukuba lesisikhathi
sobunzima singehlele.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Baba, liphakamise igama lakho libe nodumo! ” Kwase kuzwakala izwi livela ezulwini lithi: “Ngiliphakamisile laba nodumo; ngizolenza ukuba liphinde lidunyiswe.”

29Abantu ababemi lapho balizwa izwi. Abanye bathi beliduma, abanye kodwa bathi: “Kukhulume ingilosi kuye.”

30Kepha uJesu wathi kubo: “Lelizwi elizwakeleyo belingafikele mina, kodwa belifikele nina.

31Lomhlaba usuyehlulelwa manje, umbusi walomhlaba usezochithwa.

32Uma mina sengiphakanyisiwe emhlabeni ngiyobadonsa bonke abantu beze kimi.”

33Wakusho lokho ebonakalisa indlela ayokufa ngayo.

34Abantu baphendula bathi: “Sezwa kushiwo emthethweni kuthiwa uMesiya uyophila ungunaphakade. Usho kanjani wena ukuthi kumele iNdodana yesintu iphakanyiswe na? Ingubani yona leNdodana yesintu na? ”

35UJesu waphendula wathi: “Ukukhanya kusazohlala nani isikhashana nje. Qhubekani nohambo kusakhanya, ningaze nihlwelwe, ngoba umuntu ohamba ebumnyameni usuke engazi ukuthi uyaphi.

36Uma kusekhona ukukhanya phakathi kwenu, kholwani ukukhanya, ukuba nibe ngabantu bokukhanya.”

Ukungakholwa kwabantu

Wakusho lokhu uJesu qede wabedukela.

37Kwala noma esenze izimangaliso ezingako phambi kwabo, kabaze bakholwa kuye.

38Ngalesisenzo kwagcwaliseka elashiwo ngumphrofethi uIsaya mhla ethi: “Nkosi, ngubani obengase awukholwe umlayezo esawuzwayo na? Ngubani obengase aqonde ukuthi kusebenze isandla sikaSimakade kulento na? ”

39Ngakhoke babengekholwe, ekubeni uIsaya wayeseke wathi futhi:

40“UNkulunkulu ufiphaze amehlo abo, wazenza zaba lukhuni izinhliziyo zabo, ingaze babone ngamehlo abo, izinhliziyo zabo zihlakaniphe, babuyele kimi ngibaphilise.”

41UIsaya wakusho lokhu ekhuluma ngoJesu, ngoba wayeseke wayibona inkazimulo yobukhosi bakhe.

42Nokho naphakathi kwezigele imbala zaba ziningi ezakholwa kuye, kodwa ngenxa yabafarisi aziphumelanga obala ukuze zinganqunywa ebandleni.

43Zazithanda ukutuswa ngabantu kunokuba zituswe nguNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Abantu bayokwehlulelwa ngamazwi kaJesu

44UJesu wamemeza wathi: “Okholwa kimi ukholwa kuBaba ongithumileyo,
engakholwa kimi kuphela.

45Nalowo ongibonayo ubona ongithumileyo.

46Ngize lapha emhlabeni ngiwukukhanya, ukuba bonke abakholwa kimi
bangahlali besemnyameni.

47Uma umuntu ezwa engikushoyo angakugcini, angiyikumahlulela mina.
Angizanga lapha ukuba ngahlulele umhlaba, kodwa ngeza lapha ukuba ngisindise
umhlaba.

48Owala mina, enqaba ukwamukela amazwi ami, kukhona okumehlulelayo. Izwi
engilikhulumileyo yilona eliyomahlulela ngosuku lokuphela.

49Ngoba lokho engikushoyo akusuki kimi nje, kodwa uBaba ongithumileyo
nguyena okhiphe umyalo ngakho konke okufanele ngikusho ngikukhulume.

50Ngiyazi ukuthi umyalo wakhe uletha ukuphila okuphakade. Ngakhoke
engikushoyo ngikukhuluma njengalokhu uBaba engitshelile.”

UJohane 13

UJesu ugeza izinyawo zabafundi bakhe

1Umkhosi wePhasika wawususemnyango. UJesu wayazi ukuthi sekuya ngakhona
ukuba awushiye lomhlaba abuyele kuYise. Wayelokhu ebathande njalo
abangabakhe emhlabeni; wayesebakhombisa ngokusobala ukubathanda kwakhe .

2Kwakudliwa kusihlwa. USathane wayesewufakile umoya kuJudasi Iskariyothe
umntakaSimoni, ukuba achilizele uJesu ezitheni.

3Yize noma uJesu wayazi ukuthi uYise ukwethule konke ezandleni zakhe, naphezu
kokuba ezazi yena ukuthi ungokaNkulunkulu lapho evela khona, ubuyela
kuNkulunkulu,

4wasukuma nokho kusadliwa wakhumula isembatho sakhe, wathatha indwangu
wayibhinca okhalo.

5Wathela amanzi emcengezini, wayesebageza izinyawo abafundi, wabesula
ngendwangu ayeyibhince okhalo.

6Wafika kuSimoni Phetro, UPhetro wayesethi kuye: “Nkosi, uyalokotha impela
ungigeza izinyawo na? ”

7UJesu wamphendula wathi: “Engikwenzayo ungekuqonde manje, kodwa
kuyokukhanyela kamuva.”

8UPhetro wathi kuye: “Awusoze wangigeza izinyawo ngisho sekuthiwani! ” UJesu
wamphendula wathi: “Uma ngingenakukugeza awuseyena owami.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9USimoni Phetro wathi kuye: “Nkosi, musa ukungigeza izinyawo zodwa, ngigeze izandla nekhanda futhi! ”

10UJesu wathi: “Umuntu osegezile usuke esehlanzeke okwempela, sekusele kuphela ukuba ageze izinyawo. Nina-ke senihlambulukile, kodwa anihlambulukile nonke.”

11Wayevele emazi ukuthi ungubani ozothengisa ngaye ezitheni, yingakhoke athi: “Anihlambulukile nonke.”

12Kuthe uJesu esebagezile izinyawo wathatha isembatho sakhe wagqoka, wahlala phansi wazinza. Wathi kubo: “Niyayiqonda yini lento engiyenze kini na?

13Ningibiza nithi: ‘Mfundisi! ’ nithi: ‘Nkosi! ’ Nikusho ngakhona, ngoba ngiyikho lokho.

14Uma-ke mina engiyiNkosi noMfundisi wenu nginigezile izinyawo, kufanele ukuba nani nigezane izinyawo.

15Senginenzele isibonelo, ukuba nani nenze njengoba kade ngenza kinina.

16Empeleni phela isisebenzi kasisikhulu kunomnumzane esimsebenzelayo, nesithunywa kasisikhulu kunosithumileyo.

17Uma nikwazi lokhu nibusisekile uma nikwenza.

18“Angikhulumi ngani nonke, ngiyazi ukuthi bangobani engibakhethileyo. Kodwa lokhu kuyenzeka ukuze kugcwaliseke okushiwo ngumbhalo ongcwele othi: “ ‘Lowo ebengidla sithebeni sinye naye usengiphendukele wangenzela ubunyoka.’

19“Nginitshela lokhu manje kungakenzeki, ukuze kuthi uma sekwenzeka nikholwe ukuthi nginguye okhona.

20Niyabona! Impela, lowo owemukela engimthumileyo wemukela mina, lowo-ke ongemukelayo wemukela uBaba ongithumileyo.”

UJesu ubikezela ukuchilizelwa kwakhe ezitheni

(Mat 26:20-25; Mark 14:17-21; Luk 22:21-23)

21UJesu esekushilo lokho, wakhathazeka emoyeni, wakhuluma ngokusobala wathi: “Lalelani lapha nginitshele! Omunye phakathi kwenu uzongichilizela ezitheni.”

22Abafundi babhekana bodwa besambathekiswe ukuthi ngabe uqondise kubani.

23Omunye wabafundi, lowo owayethandwa kakhulu nguJesu, wayehlezi eduze kwakhe etafuleni.

24USimoni Phetro wamqhweba, wathi akambuze ukuthi ukhuluma ngobani.

25Lomfundi wayeseyama ngakuJesu, wambuza wathi: “Nkosi, ngubani lowo na? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26UJesu waphendula wathi: “Yilowo engizomgcobhozela ucezu lwesinkwa ngimnike lona.” Wayeselugcobhoza-ke, walunika uJudasi umfokaSimoni Iskariyothe.

27UJudasi walwamukela ucezu maqede uSathane wangena kuye. UJesu wathi kuye: “Ozokwenza, kwenze masinyane! ”

28Akukho muntu owakhanyelwayo kwabasetafuleni ukuthi uJesu ukusholoni lokhu kuJudasi.

29Njengoba kwakunguJudasi owayephatha isikhwama semali, abanye babo babethi uJesu ubemtshela ukuba ayothenga ababekudinga emkhosini, kumbe emthuma ukuba abele abampofu.

30UJudasi walwamukela-ke ucezu lwesinkwa maqede waphuma. Kwase kuhlwile.

Umyalo omusha

31Kuthe uJudasi esephumile, uJesu wathi: “INdodana yesintu yethweswe udumo, noNkulunkulu wathola udumo ngayo.

32Njengoba uNkulunkulu ethole udumo ngayo, uNkulunkulu uyoyinika udumo lwenkazimulo yakhe, ayinike lona masinyane.

33Bantabami, ngisazoke ngihlale nani okwesikhashana nje. Niyongifuna, kodwa sengiyanitshela nani lokho engakusho ezikhulwini zamaJuda ngathi: ‘Ningeze naya lapho ngiya khona.’

34Ngininika nanku umyalo omusha othi: Thandanani! Kufanele ukuba nithandane nani ngalolothando enginithande ngalo.

35Bonke abantu bayonazi ukuthi ningabafundi bami uma nithandana.”

UJesu ubikezela ukuphika kukaPhetro

(Mat 26:31-35; Mark 14:27-31; Luk 22:31-34)

36USimoni Phetro wabuza kuye wathi: “Nkosi, uyaphi na? ” UJesu waphendula wathi: “Ungengilandele okwamanje lapho ngiya khona, kodwa uyongilandela kamuva.”

37UPhetro wathi kuye: “Nkosi, ngingekulandele ngani kwamanje na? Ngiyodela ukuphila kwami ngenxa yakho.”

38UJesu waphendula wathi: “Uthi uyodela ukuphila kwakho ngenxa yami na? Ngiqinisile uma ngithi, iqhude lingakakhali uyobe usungiphike kathathu.

UJohane 14

UJesu uyindlela eya kuYise

1“Umoya wenu awungakhathazeki! Kholwani kuNkulunkulu, nikholwe nakimi futhi!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Emzini kaBaba kunezindlu eziningi. Ukuba bekungenjalo, bengiyonitshela yini
ukuthi ngiyahamba ngiyonilungisela indawo?

3Uma sengihambile ngafike nganilungisela indawo, ngobuya nginilande, nihlale
nami lapho ngikhona.

4Niyayazi indlela eya kuleyondawo lapho ngiya khona."

5UTomasi wabuza wathi: "Nkosi, asazi ukuthi uyaphi, pho sizoyazi kanjani indlela
na? "

6UJesu wathi kuye: "Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila, akukho muntu ongaya
kuBaba uma engangeni ngami.

7Ukuba benazi mina, beniyomazi noBaba; kusukela manje niyamazi senimbonile."

8UFiliphu wathi kuye: "Nkosi, sikhombise uYihlo saneliswe."

9UJesu waphendula wathi: "Sengihlale nani isikhathi eside; usho ukuthi
awukangazi namanje Filiphu? Lowo oseke wangibona usembonile noBaba. Pho
ungasho kanjani uthi: 'Sikhombise uYihlo! ' na?

10Awukholwa yini ukuthi mina ngikuBaba, uBaba ukimi simunye na? Lokho
engikusho kini akusuki kimi nje. UBaba ohlala ekimi, nguye owenza imisebenzi
yakhe.

11Kholwani lokhu engikushoyo ukuthi mina ngikuBaba, uBaba ukimi. Okungenani
kholwani ngenxa yalemisebenzi!

12Ngiyaqinisa ngithi kini, okholwayo kimi uyokwenza izimangaliso ezifana nalezi
engizenzayo, enze ngisho nezinkulu ezedlula lezi, ngoba sengiya kuBaba,

13bese nginenzela noma yini eniyicelayo ngegama lami, uBaba athole udumo
ngeNdodana.

14Uma kukhona utho eningicela lona ngegama lami, ngiyolwenza.

UJesu ubethembisa uMoya oyiNgcwele

15"Uma ningithanda niyogcina imiyalo yami.

16Ngocela uBaba abeseninika omunye uMduduzi oyohlala nani njalo,

17onguMoya weqiniso. Abomhlaba bangemamukele, ngoba kabamboni, kabamazi.
Kodwa nina niyamazi, ngoba uhlala nani njalo, ukinina.

18"Angiyikunishiya niyizintandane; ngobuya ngize kini.

19Emuva kwesikhashana abomhlaba kabasayikungibona, kodwa nina
niyongibona, ngoba mina ngiyaphila, nani niyophila futhi.

20Ngalolosuku niyoqonda ukuthi mina ngikuBaba nokuthi mina ngikini, nani
nikimi simunye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21“Lowo owemukela imiyalo yami ayigcine uyangithanda. UBaba uyomthanda lowo ongithandayo; nami-ke ngomthanda ngizibonakalise kuye.”

22UJudasi (kungesiye uJudasi Iskariyothe) wayesethi: “Nkosi, yini eyenza ukuba uzibonakalise kithi, kodwa ungazibonakalisi kwabomhlaba na? ”

23UJesu wamphendula wathi: “Uma umuntu engithanda, uyoyigcina imfundiso yami. UBaba uyomthanda, mina noBaba siyoya kuye sifike sihlale naye.

24Lowo ongangithandiyo akayigcini imfundiso yami. Imfundiso eniyizwileyo ayisiyo eyami, kodwa ivela kuBaba ongithumileyo.

25“Lokhu ngikukhulume kini ngisahlezi nani.

26UMduduzi, uMoya oyiNgcwele, oyothunyelwa nguBaba ngegama lami, uyonifundisa anikhumbuze konke enginitshele khona.

27“Nginishiya nokuthula, nginipha ukuthula okukimi. Angininiki ukuthula okufana nokwasemhlabeni. Ningakhathazeki emoyeni nesabe!

28Nizwile ukuthi ngithe kini: ‘Ngiyahamba, kodwa ngiyabuya futhi ngiza kini.’ Ukuba beningithanda benizokujabulela ukuya kwami kuBaba, ngoba uBaba mkhulu kunami.

29Nginitshelile ngalokhu kungakenzeki, ukuze nikholwe uma sekwenzeka.

30Angisayikukhuluma nani ngelule, ngoba umbusi omubi walomhlaba uyeza; akanalutho olukimi angangithinta ngalo.

31Nokho kuhle umhlaba wazi ukuthi uBaba ngiyamthanda nokuthi ngenza njengalokhu uBaba engiyalezile. “Sukumani sihambe! ”

UJohane 15

UJesu ungumvini wempela

1“Mina ngingumvini wempela, uBaba ungumlimi.

2Lelogatsha elisuke limile kimi kepha lingatheli uyalisusa, kuthi leli elithelayo alithene linqunteke kahle, nce lithele kakhulu.

3Senivele nahlanzeka ngenxa yamazwi engiwakhulume kini.

4Hlalani nikimi, nami ngihlale ngikini. Igatsha lingethele ngokwalo; lingathela kuphela uma limile emvinini. Kanjalo-ke nani ningethele uma ningahlali nikimi.

5“Mina ngingumvini, nina ningamagatsha. Ohlala ekimi nami ngikuye uyothela kakhulu, ngoba akukho lutho eningakwenza ngaphandle kwami.

6Uma umuntu engahlali ekimi, uyoba njengegatsha elintshingiweyo lase loma khehle. Amagatsha lawo aqoqelwa ndawonye aphonswe emlilweni ashe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Uma nihlala nikimi namazwi ami ehlala kini, niyocela noma yini eniyithandayo, niyiphiwe.

8Ngokuthela kakhulu nibonisa khona ukuthi ningabafundi bami, uBaba athole udumo.

9Nginithandile njengalokhu uBaba engithandile, ngakhoke hlalani nisothandweni enginithanda ngalo.

10Uma nigcina imiyalo yami niyohlala othandweni lwami, njengalokhu nami ngiyigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.

11“Nginitshelile lokhu yikhona ukuthokoza kwami kuzogxila kini nokuthokoza kwenu kuphelele.

12Umyalo wami yiwo lona ukuba nithandane njengalokhu nami nginithandile.

13Alukho uthando olukhulu olwedlula ukuba umuntu adele ukuphila kwakhe afele abahlobo bakhe.

14Ningabahlobo bami uma nenza lokho enginiyaleza khona.

15Angisanibizi ngokuthi niyizisebenzi zami, ngoba isisebenzi singeze sakwazi okwenziwa yilowo esimsebenzelayo. Kodwa nginibiza ngokuthi ningabahlobo bami, ngoba nginitshele ngakho konke engikuzwe kuBaba.

16Nina aningikhethanga, kepha yimina enganikhethayo. Nganiqoka ukuba nihambe nishumayele kubantu, kuvele izithelo, izithelo zomsebenzi wenu zihlale zikhona njalo, yikhona uBaba ezonipha noma yini eniyicela ngegama lami.

17Yilokhu-ke enginiyaleza ngakho, ukuba nithandane.

Inzondo yabomhlaba

18“Uma abomhlaba benizonda, nize nikhumbule ukuthi baqala bazonda mina.

19Ukuba beningabomhlaba bebeyonithanda abomhlaba ngoba ningabakhona. Kodwa nganenyula kulomhlaba, anisibo abawo, yingakho nje umhlaba unizonda.

20Khumbulani ukuthi ngithe kini: ‘Isisebenzi kasisikhulu kunomnumzane esimsebenzelayo.’ Uma bangihlupha mina, bayonihlupha nani. Uma bawagcina amazwi ami, bayowagcina nawenu.

21Kodwa bayonenza konke lokhu ngesizathu sokuthi ningabami, ngoba kabamazi uBaba ongithumileyo.

22Ukuba bengingezanga lapha ngafike ngakhuluma kubo, bebengayikuba nacala. Kepha manje kabanazaba ngesono sabo.

23Ozonda mina uzonda noBaba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24Ukuba bengingazenzanga izimangaliso phakathi kwabo ezingakaze zenziwe ngomunye, bebengayikuba nacala. Kepha manje sebekubonile engikwenzileyo, nokho basizonda sobabili noBaba.

25Kodwa lokhu kwenzeka ukuze kugcwaliseke okulotshwe emibhalweni yabo ukuthi: “ ‘Bangizondela into engekho.’

26“UMduduzi uyeza, uMoya weqiniso ophuma kuBaba. Ngiyomthumela kini evela kuBaba, afike angifakazele.

27Nani niyongifakazela ngoba benihamba nami kwasekuqaleni.

UJohane 16

1“Ngikukhulumile lokhu kini ukuze ningakhubeki nihlubuke ekukholweni.

2Bayoninquma ebandleni; siyeza isikhathi lapho kuyothi bonke abanibulalayo bathi bethula umnikelo kuNkulunkulu ngalokho.

3Bayokwenza kini lokhu ngoba bengazange bamazi uBaba, bengazange bangazi nami.

4Kodwa ngikukhulume lokhu ukuze kuthi uma sekufika inkathi yokuba kwenzeke nikhumbule ukuthi nganginitshelile.

Umsebenzi woMduduzi onguMoya oyiNgcwele

“Ekusukeni angikushongo lokhu kini, ngoba bengisahleli nani.

5Manje ngiyemuka ngibuyela kuBaba ongithumileyo, nokho akukho muntu kini ongibuza ukuthi ngiyaphi.

6Kodwa manje inhliziyo yenu isisuke yalusizi ngoba sengikhulume kanje kinina.

7Nginitshela iqiniso ngithi kunilungele ukuba ngimuke, ngoba uma ngingamuki uMduduzi kayikuza kini. Kodwa uma ngimuka ngiyomthumela kini.

8Uma esefika uyohlalukisa obala ukweduka kwabantu bomhlaba mayelana nokona nokulunga nokwahlulelwa.

9Bedukile mayelana nokona, ngoba bengakholwa kimi.

10Bedukile ngokulunga njengoba ngiya kuBaba, ningebe futhi nisangibona.

11Bedukile ngokwahlulelwa njengoba umbusi omubi walomhlaba kudala ehlulelwe.

12“Kuningi ebengisazonitshela khona, kodwa ngeke nikumele okwamanje.

13Kodwa uma esefika lowo onguMoya weqiniso, uyoniholela kulo lonke iqiniso. Akayikuzikhulumela okwakhe, kodwa uyosho lokho akuzwayo, anibikele ngezinto ezizayo.

14Uyongilethela udumo, ngoba uyothatha lokho engikushoyo anitshele khona.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Konke uBaba anakho kungokwami; yingakho nje ngithe uMoya weqiniso uyothatha engikushoyo unitshele khona.

Ukudabuka nokuthokoza

16“Emuva kwesikhashana anisayikungibona, kudlule isikhashana futhi bese ningibona.”

17Abanye babafundi bakhe bafakana imilomo bathi: “Uqonde ukuthini uma ethi kithi: ‘Emuva kwesikhashana anisayikungibona, kudlule isikhashana futhi, bese ningibona,’ nokuthi: ‘Ngiya kuBaba’ na?

18Usho ukuthini uma ethi: ‘Emuva kwesikhashana’ na? Asimuzwa ukuthi uqondeni.”

19UJesu wayazi ukuthi babefuna ukumbuza, wayesethi kubo: “Ngithe: ‘Emuva kwesikhashana anisayikungibona, kudlule isikhashana futhi bese ningibona.’ Ngabe yilokho enibuzana ngakho nodwa na?

20Ngiyanitshela ngithi, ngempela nina niyokhala nilile, kodwa abomhlaba bayothokoza; nina niyodabuka, kodwa ukudabuka kwenu kuyophenduka kube yintokozo.

21Nxa owesifazane esebeletha uba lusizi ngoba usuke esehelelwa, kodwa uma esebelethile uyazikhohlwa izinhlungu ebezimphethe, athokoze ngoba usenomntwana.

22Nani nilusizi manje kodwa ngizobuye nginibone, nibuye nithokoze futhi emoyeni ngokuthokoza eningekwaphucwe muntu.

23“Ngalolosuku aniyikungibuza lutho. Ngiyaqinisa impela ngithi, uBaba uyoninika enikucelayo ngegama lami.

24Kuze kube manje beningakaceli lutho ngegama lami. Celani yikhona niyophiwa, bese ukuthokoza kwenu kuphelela.

Ukunqotshwa kwabomhlaba

25“Ngisebenzise amagama ayimpica lapho ngikukhuluma kini lokhu. Siyeza kodwa isikhathi lapho ngingasayikukhuluma kini ngicashise inkulumo, kodwa nginitshele ngoBaba ngamazwi asobala.

26Ngalolosuku niyocela ngegama lami. Akuyikudingeka ukuba nginicelele kuBaba,

27ngoba uBaba uqobo uyanithanda ngenxa yokuba ningithandile, nakholwa ukuthi ngavela kuMvelinqangi.

28Ngavela kuBaba ngeza lapha emhlabeni; sengiyawushiya lomhlaba ngibuyela kuBaba.”

29Abafundi bakhe base bethi kuye: “Manje usukhuluma ngokusobala, awusayicashisi inkulumo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Sesiyazi ukuthi wazi konke, akusadingekile ukuba ubuzwe muntu. Yilokhu okusenza ukuba sikholwe ukuthi uvela kuMvelinqangi.”

31UJesu wabaphendula wathi: “Seniyakholwa yini na?

32Niyabona! Siyeza isikhathi, yebo sesifikile manje, lapho niyohlakazeka nonke, yilowo nalowo athathe indlela yakhe, ningishiye ngedwa. Nokho-ke angingedwa, ngoba uBaba unami.

33Lokhu ngikushilo kini ukuba nibe nokuthula nisebunyeni nami. Emhlabeni niyahlupheka, kodwa yimani isibindi ningesabi, ngoba ngiwunqobile umhlaba.”

UJohane 17

Umkhuleko kaJesu enxusela abafundi bakhe

1UJesu wakusho lokho, wayesenyusa amehlo wabheka ezulwini, wakhuleka wathi: “Baba, sekuyiso isikhathi. Yinike udumo iNdodana yakho, nce wena uthole udumo ngeNdodana.

2Uyinikile amandla phezu kwesintu sonke, ukuze ibanike ukuphila okuphakade bonke labo oyinike bona.

3Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bakwazi wena Nkulunkulu uSimayedwa onguyenayena, bazi noJesu Kristu omthumileyo.

4Ngiluqhamisile udumo lwakho emhlabeni, ngawufeza lowomsebenzi owanginika wona ukuba ngiwenze.

5Manje Baba, nginike udumo njengoba ngikuwe, lolodumo engangivele nginalo ngisekuwe umhlaba ungakadalwa.

6“Ngibazisile ukuthi ungubani lababantu ongiphe bona owabenyula kwabomhlaba. Bebengabakho, wawusunginika bona. Baligcinile izwi lakho,

7sebeyazi manje ukuthi konke ongiphe khona kuvela kuwe.

8Amazwi owawasho kimi ngiwadlulisele kubo, bawemukela. Kubakhanyele kwasobala ukuthi ngavela kuwe. Bayakholwa ukuthi nguwena ongithumile.

9“Ngiyabakhulekela. Angikhulekeli abomhlaba, kodwa labo onginike bona ngibakhulekela ngoba bebengabakho.

10Konke enginakho kungokwakho, nalokho onakho kungokwami; ngilutholile udumo ngabo.

11Ngiza kuwe manje, angisezukuhlala emhlabeni kodwa bona basesemhlabeni. Baba ongcwele, balonde ngamandla egama lakho onginike lona, ukuba babe munye njengalokhu mina nawe simunye.

12Ngenkathi ngisenabo ngibalondile ngamandla egama lakho onginike lona. Ngabavikela, akukho noyedwa kubo owabhubha ngaphandle kwalomuntu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

owayemiselwe ukubhubha, ukuba kugcwaliseke okulotshwe embhalweni ongcwele.

13Manje ngiza kuwe; ngikukhuluma lokhu ngisesemhlabeni, ukuba ukuthokoza kwami kuhlale kubo ngokupheleleyo.

14Amazwi owawasho kimi ngiwadlulisele kubo, abomhlaba base bebazonda, ngoba bengesibo abomhlaba, njengalokhu nami ngingesiye owomhlaba.

15Angiceli ukuba ubasuse emhlabeni, kodwa ngicela ukuba ubavikele kuSathane.

16Kabasibo abalomhlaba, njengalokho nami ngingesiye owomhlaba.

17Bangcwelise ngeqiniso; izwi lakho liyiqiniso.

18Njengalokhu wangithumela emhlabeni nami-ke ngibathumele emhlabeni.

19Ngenxa yabo ngiyazethula kuwe ngingcwele, ukuba nabo bangcweliswe ngeqiniso, babe ngabehlukaniselwe wena.

20“Anginxuseli bona bodwa kodwa nalabo abayokholwa kimi ngenxa yokufakaza kwalaba.

21Baba, ngiyabanxusela bonke laba ukuba babe munye njengalokhu simunye, wena ukimi nami ngikuwe, ukuba nabo babe sebunyeni bethu, abomhlaba bakholwe ukuthi nguwena ongithumileyo.

22Ngibanikile udumo owanginika lona, ukuba babe munye njengalokhu thina simunye.

23Mina ngikubo, wena ukimi, nabo ababe munye ngokuphelele, ukuze abomhlaba bazi ukuthi nguwena ongithumileyo nokuthi ubathandile njengalokhu wangithanda.

24“Baba, ngifuna ukuba labo onginike bona babe nami futhi nabo lapho ngikhona, nce babone udumo onginike lona, ngoba wangithanda ungakadalwa umhlaba.

25Baba, wena olungileyo, abomhlaba kabakwazi wena, kodwa mina ngiyakwazi, nalaba bayazi ukuthi nguwena ongithumileyo.

26Ngibazisile ukuthi ungubani, ngizoqhubeka nokubazisa, ukuze uthando lwakho owangithanda ngalo lube kubo, nami ngibe kubo.”

UJohane 18

UJesu ukhashelwa ezitheni uyaboshwa

(Mat 26:47-56; Mark 14:43-50; Luk 22:47-53)

1Kwathi uJesu esekushilo lokhu, wasuka nabafundi bakhe bawelela ngaphesheya komfudlana iKhidroni. Kwakukhona isivande semihlwathi kuleyondawo. UJesu nabafundi bakhe bangena kuso.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2UJudasi okunguyena owathengisa ngoJesu ezitheni wayeyazi leyondawo, ngoba uJesu wayevamise ukuya kuyo nabafundi bakhe.

3UJudasi walanda isigejane samabutho amaRoma kanye nogqayinyanga ababethunyelwe yizikhulu zabaphristi kanye nabafarisi, wabahola baya kulesisivande. Babehlome ngezikhali, bephethe iziketekete nezihlonti.

4UJesu wayekwazi konke okuzomehlela, waziveza obala, wafike wathi kubo: “Nifuna bani na? ”

5Bamphendula bathi: “UJesu waseNazaretha.” Wayesethi: “Yimina.” UJudasi owamchilizela ezitheni wayemi nabo.

6Ngenkathi uJesu ethi kubo: “Yimina”, bahlehla nyovane bashayeka phansi.

7UJesu wabuye wababuza wathi: “Nifuna bani na? ” Bathi: “UJesu waseNazaretha.”

8UJesu wathi: “Ingani ngishilo ngathi yimina. Uma kuyimina enimfunayo bayekeni laba bahambe! ”

9Wakusho lokhu ukuba kugcwaliseke amazwi ayewashilo athi: “Baba, angilahlekelwanga ngisho nangoyedwa kulabo onginike bona.”

10USimoni Phetro wagqashula inkemba ayeyiphethe, wagadla ngayo esisebenzini somphristi omkhulu, wasihhebhula indlebe yesokunene. Igama lesisebenzi kwakunguMalkosi.

11UJesu wathi kuPhetro: “Buyisela inkemba emgodleni! Akufanele yini ngiphuze indebe yokuhlupheka uBaba anginike yona na? ”

UJesu usiwa phambi komphristi omkhulu

(Mat 26:57-58; Mark 14:53-54; Luk 22:54)

12Asuka amabutho amaRoma nomphathi wawo nogqayinyanga bamaJuda, babamba uJesu bambopha.

13Baqala bamusa kuHanase ngoba wayengumukhwe kaKhayifase owayengumphristi omkhulu ngalowonyaka.

14Phela uKhayifase nguye oweluleka izikhulu zamaJuda ukuthi kubalungele ukuba umuntu oyedwa afele isizwe sonke.

UJesu uphikwa nguPhetro

(Mat 26:69-70; Mark 14:66-68; Luk 22:55-57)

15USimoni Phetro nomunye umfundi balandela uJesu. Lomfundi wayaziwa ngumphristi omkhulu. Wangena kanye noJesu emagcekeni akwamphristi omkhulu,

16kepha uPhetro wasala ngaphandle emi ngasesangweni. Wayesesuka lomfundi omunye owayaziwa ngumphristi omkhulu, esephindela phandle. Wafike wakhuluma nentombazane eyayisesangweni, wangena kanye noPhetro.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Intombazane eyayisesangweni yathi kuPhetro: “Ungomunye nawe wabafundi balomuntu, phika! ” UPhetro wayiphendula wathi: “Qha, angiyena.”

18Izisebenzi kanye nogqayinyanga babebase umlilo wamalahle, bewungungile botha. Naye uPhetro waya wafike wotha nabo.

Umphristi omkhulu ubuza uJesu

(Mat 26:59-66; Mark 14:55-64; Luk 22:66-71)

19Umphristi omkhulu wabuza uJesu ngabafundi bakhe nangemfundiso yakhe.

20UJesu wamphendula wathi: “Ngikhulume obala phambi kwabantu bonke. Bengilokhu ngifundisa emasinagogeni nasethempelini lapho kuhlanganela khona onke amaJuda, angikhulumanga lutho ngasese.

21Ungibuzelani? Buza kulabo ababengizwa ngikhuluma, ubabuze ukuthi ngathini kubo. Bayakwazi engakushoyo.”

22Kuthe uJesu esekushilo lokhu, omunye wogqayinyanga owayemi lapho wayesesuka esemmukula ethi kuye: “Unasibindi sini sokuphendula umphristi omkhulu kanjena na? ”

23UJesu waphendula wathi: “Uma kukhona okubi engikushilo, shono ukuthi kubi ngani! Kodwa uma kuyiqiniso engikushilo, pho ungishayelani na? ”

24UJesu wayelokhu eboshiwe, uHanase wayesemthumela kuKhayifase umphristi omkhulu.

UPhetro uphika uJesu ngokwesibili

(Mat 26:71-75; Mark 14:69-72; Luk 22:58-62)

25USimoni Phetro wayelokhu emi otha umlilo. Bambuza bathi: “Uyaphika ukuthi nawe ungomunye wabafundi bakhe na? ” Kodwa uPhetro waphika walala ngomhlane wathi: “Angisiye.”

26Esinye sezisebenzi zomphristi omkhulu, esasiyisihlobo saleyondoda uPhetro ayeyihhebhule indlebe, sambuza sathi: “Kanti angikubonanga yini unaye esivandeni na? ”

27UPhetro waphika futhi. Khona manjalo kwakikiliga iqhude.

UJesu uphambi kukaPilatu

(Mat 27:1-2, 11-14; Mark 15:1-5; Luk 23:1-5)

28Base bemthatha uJesu kwaKhayifase bamusa esigodlweni sikalusibalukhulu. Kwakusekuseni kakhulu. Izikhulu zamaJuda kazingenanga esigodlweni, ziqikelele ukuhlala zihlanzekile ngokosiko zingangcoli, kanti zizokudla iwundlu lePhasika.

29UPilatu waphuma waya kuzo, wafike wathi: “Lomuntu nimethwesa cala lini na? ”

30Zaphendula zathi: “Besingeke simlethe kuwe ukuba ubengenzanga cala.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31UPilatu wathi kuzo: “Mthatheni nimehlulele nina ngokomthetho wakini! ”
Zaphendula zathi: “Akumthetho ukuba sibulale umuntu.”

32Lokhu kwenzeka ukuba kufezeke amazwi kaJesu lapho ebonisa ukuthi uzokufa
kanjani.

33UPilatu wabuye waphindela esigodlweni, wabiza uJesu wambuza wathi: “Wena
uyinkosi yamaJuda na? ”

34UJesu waphendula wathi: “Ukusho lokhu wena ngokwakho noma mhlawumbe
bakhona yini abakutshele ngami na? ”

35UPilatu waphendula wathi: “Kanti ngingumJuda yini mina? Isizwe sakini
nezikhulu zabaphristi yizona ezikunikele kimi. Wenzeni na? ”

36UJesu wathi: “Umbuso wami awusiwo owalomhlaba. Ukuba umbuso wami
ubungowalomhlaba, amabutho ami abezongilwela nginganikelwa ezikhulwini
zamaJuda. Kodwa-ke umbuso wami awusiwo owalapha.”

37UPilatu wambuza wathi: “Hhawu, kanti uyinkosi ngempela yini? ” UJesu
waphendula wathi: “Kusho wena ukuthi ngiyinkosi. Ngazalelwa ukuba ngimele
iqiniso, ngeza lapha emhlabeni ngaleyonhloso. Wonke umuntu othanda iqiniso
uyangilalela.”

38UPilatu wathi: “Iqiniso! Yini yona leyo? ”

UJesu ugwetshwa ukuba abulawe
(Mat 27:15-31; Mark 15:6-20; Luk 23:13-25)

Wabuye waphumela phandle, wafike wathi emaJudeni: “Mina ngokwami
angimtholi enecala.

39Kodwa ngokwesiko lenu ngiyaye nginikhululele isiboshwa sibe sinye
ngePhasika. Niyathanda yini ukuba nginikhululele inkosi yamaJuda na? ”

40Amemeza aqonga athi: “Qha, asimfuni lo! Sifuna uBharabha! ” UBharabha
wayengumphangi.

UJohane 19

1UPilatu wayesethatha uJesu esethi akabhaxabulwe.

2Amabutho aphica umqhele wamahlamvu anameva amnqwazisa wona,
amembathisa isevatho esibubende.

3Aya kuye afike athi: “Bayede, ume njalo nkosi yamaJuda! ” Ayesemmukula.

4UPilatu wabuye waphumela phandle wathi kubantu: “Lalelani lapha!
Ngizomkhipha ngimlethe kini, nizibonele nina ukuthi angitholi cala kuye.”

5UJesu waphuma ethwele umqhele onameva nesevatho esibubende. UPilatu wathi
kubo: “Mbukeni nangu umuntu! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Kwathi ukuba zimbone izikhulu zabaphristi nogqayinyanga basethempelini,
bamemeza baqonga bathi: “Mbethele, mbethele! ” UPilatu wathi kubo: “Mthatheni
nina nimbethele esiphambanweni! Mina angimtholi enecala.”

7AmaJuda aphendula athi: “Sinowethu umthetho thina! Ngokwalomthetho
kufanele afe, ngoba uzishaya iNdodana kaNkulunkulu.”

8Kwathi ukuba uPilatu akuzwe lokhu, waqala phansi washaywa uvalo kakhulu.

9Wangena futhi esigodlweni, wabuza kuJesu wathi: “Ungowaphi lapho uvela
khona? ” Kodwa uJesu wawuhlaba inhlali.

10UPilatu wathi kuye: “Awufuni ukukhuluma kimi? Awazi yini ukuthi nginamandla
okukukhulula, nginamandla okukubethela? ”

11UJesu waphendula wathi: “Ubungeke ube namandla phezu kwami
ungawaphiwanga nguNkulunkulu; ngakhoke lomuntu onginikele kuwe unecala
elikhulu kunawe.”

12Kwasukela lapho uPilatu wafuna ukumdedela. Kodwa amaJuda amemeza athi:
“Uma uke wadedela lo, awusiye umngane kaKhesari ingonyama yaseRoma, ngoba
umuntu osuke ezishaya inkosi uzeqhatha noKhesari.”

13Kwathi ukuba uPilatu ezwe lawamazwi, wakhiphela uJesu phandle, waqhwakela
esihlalweni somahluleli endaweni okuthiwa yisiGcawu esiGandaywe ngamaTshe.
NgesiHebheru kuthiwa yiGabhatha.

14Kwakusemini ngosuku olwandulela umkhosi wePhasika. UPilatu wathi
emaJudeni: “Nansi inkosi yenu! ”

15Amemeza athi: “Mbulale! Mbulale! Mbethele! ” UPilatu wabuza wathi: “Nithi
angibethele inkosi yenu na? ” Izikhulu zabaphristi zamphendula zathi: “Asinankosi
ngaphandle kwengonyama uKhesari! ”

16UPilatu wayeselahlela uJesu kubo ukuba abethelwe esiphambanweni.

UJesu ubethelwa esiphambanweni

(Mat 27:32-44; Mark 15:21-32; Luk 23:26-43)

Bamthatha uJesu bahamba naye.

17Waphuma etshathe isiphambano sakhe, wafika endaweni ethiwa kusoGebhezini
lweKhanda; ngesiHebheru kuthiwa yiGolgotha.

18Bafike babethela eziphambanweni uJesu kanye nabanye ababili ngapha
nangapha kwakhe, bemphahle phakathi.

19UPilatu wakhipha isaziso esilotshiweyo esakhwezwa esiphambanweni.
Sasilotshiwe sathiwa: “UJesu waseNazaretha, inkosi yamaJuda.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20AmaJuda amaningi asifunda lesisaziso, ngoba indawo lapho uJesu ayebethelwe
khona yayiseduze nomuzi waseJerusalema. Sasilotshwe ngesiHebheru
nangesiLatini nangesiGriki.

21Izikhulu zabaphristi bamaJuda zase zithi kuPilatu: “Mus' ukuloba uthi: ‘Inkosi
yamaJuda,’ kodwa loba uthi: ‘Lomuntu wathi uyinkosi yamaJuda.’ ”

22UPilatu waphendula wathi: “Esengikulobile ngikulobile.”

23Kuthe amabutho esembethele uJesu esiphambanweni, athatha izingubo zakhe
azehlukanisa amaqoqwana amane, yilelobutho lathola uphawini walo. Athatha
nesevatho sakhe esasiyindwangu engenamthungo yelukiwe yonke uthi lwayo.

24Abonisana odwa athi: “Asingasidabuli, kodwa asenze inkatho sibone ukuthi
siyoba ngesikabani”. Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okushiwo umbhalo
ongcwele othi: “Izingubo zami behlukaniselana ngazo nangesevatho sami benza
inkatho.” Yilokho-ke okwenziwa ngamabutho.

25Eduze kwesiphambano sikaJesu kwakumi unina nodadewabo kanina noMariya
umkaKlophase noMariya waseMagdala.

26UJesu wabona unina, wabona nomfundi ayemthanda kakhulu emi lapho, wathi
kunina: “Mame, nansi indodana yakho! ”

27Wayesethi kumfundi: “Ndodana, nangu unyoko! ” Kusukela ngalesosikhathi
umfundi lowo wathatha unina kaJesu wafike wamhlalisa kubo.

Ukufa kukaJesu

(Mat 27:45-56; Mark 15:33-41; Luk 23:44-49)

28UJesu wayazi ukuthi konke sekufezekile. Ukuze kugcwaliseke umbhalo
ongcwele wathi: “Ngomile.”

29Kwakukhona lapho isitsha esasigcwele iwayini elimuncu. Bathatha isiponji
basicwilisa sathi ciki iwayini elimuncu, basichoma othini lwehisophe,
bamsondezela sona emlonyeni.

30Walimunca iwayini wayesethi: “Sekufezekile.” Wagebisa ikhanda, walayela
wafa.

UJesu ugwazwa uhlangothi

31KwakungoLwesihlanu, usuku lokulungisela isabatha. Kwakungafanele ukuba
izidumbu zababethelweyo zilenge eziphambanweni ngosuku lwesabatha, ngoba
kwakuyisabatha elikhulu. Ngakhoke izikhulu zamaJuda zaya kuPilatu, zacela
ukuba kwaphulwe imilenze yababethelweyo, kwehliswe izidumbu zabo
eziphambanweni.

32Amabutho ayeseya-ke kubafokazi ababebethelwe noJesu afike abafohloza
imilenze ngokulandelana.

33Kuthe uma sekungoJesu athola ukuthi usefile, akabe esayaphula imilenze yakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Kodwa elinye lamabutho lamhlaba uhlangothi ngomkhonto, maqede wopha igazi namanzi.

35Lowo owabona kwenzeka lokhu ufakaze ngakho ukuze nani nikholwe. Akufakazayo kuyikho impela, uyazi ukuthi ukhuluma iqiniso.

36Lokhu kwenzeka ukuba kugcwaliseke okushiwo ngumbhalo ongcwele othi: “Akuyikwaphulwa nelilodwa lamathambo akhe.”

37Kukhona nomunye umbhalo othi: “Bayoze bambone ngamehlo abamgwazayo.”

Ukulondolozwa kwesidumbu sikaJesu egodini

(Mat 27:57-61; Mark 15:42-47; Luk 23:50-56)

38Kamuva kwase kusuka uJosefa waseArimathiya, waya kuPilatu, wafike wacela imvume yokwethula isidumbu sikaJesu. Wayengumlandeli kaJesu, kodwa efihla, ngoba wayesaba izikhulu zamaJuda. UPilatu wamvumela. Wasethula-ke isidumbu.

39Kwafika noNikodima, yena lowo owake weza kuJesu ngakusihlwa. Wayephethe amakha, isithako senhlaka nenhlaba esingaba ngamashumi amathathu amakhilogramu.

40Basithatha isidumbu sikaJesu, basithandela ngezindwangu zelineni besiqhola ngamakha njengokwesiko lamaJuda uma kungcwatshwa.

41Kwakukhona isivande sezihlahla ngasendaweni uJesu ayebethelwe kuyo. Esivandeni kunegodi elalingakaze lilale sidumbu.

42Njengoba kwakulusuku lokuba amaJuda alungisele isabatha, balondoloza isidumbu sikaJesu kuleligodi, ngoba laliseduze.

UJohane 20

Ukuvuka kukaJesu ekufeni

(Mat 28:1-10; Mark 16:1-8; Luk 24:1-12)

1Kuthe entathakusa yangeSonto kusemnyama, uMariya waseMagdala waya ethuneni. Wafica isisusiwe inguzunga yetshe eyayisemnyango wethuna.

2Wagijima waya kuSimoni Phetro nalomfundi uJesu ayemthanda kakhulu, wathi kubo: “INkosi bayikhiphile ethuneni, asazi ukuthi bayibekephi.”

3UPhetro nalomfundi omunye base besuka beya ethuneni.

4Baya begijima bobabili, kodwa lomfundi omunye wagijima wamshiya uPhetro, wafika kuqala ethuneni.

5Wayesefola wabona kukhona izindwangu zelineni, kodwa akaze angena.

6USimoni Phetro wamlandela wafike wangena ethuneni. Wabona kukhona izindwangu zelineni,

7nesiqephu sendwangu esasikade sishuqule ikhanda. Lesisiqephu sasingekho kulezi ezinye izindwangu zelineni, kodwa sasisongwe sabekwa sodwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Naye lomfundi owayefike kuqala ethuneni wangena, wazibonela wakholwa.

9Phela babengakawuqondi umbhalo ongcwele othi bekumele uJesu avuke kwabafileyo.

10Abafundi basuka baphindela ekhaya.

UJesu uzibonakalisa kuMariya waseMagdala
(Mark 16:9-11)

11UMariya wayemi ekhala ngaphandle kwethuna. Kuthe esakhala wafola wabuka phakathi ethuneni,

12wabona izingilosi ezimbili zembethe izingubo ezimhlophe. Zazihlezi lapho isidumbu sikaJesu sasikade sibekwe khona, enye yazo ingasekhanda, enye ingasezinyaweni.

13Zambuza zathi: “Muntu wesifazane, ukhalelani na? ” Waphendula wathi: “Bayithathile iNkosi yami, angazi ukuthi bayibekephi.”

14Wakusho lokhu, washingila wabheka emuva, welamela uJesu emi lapho, kodwa engazi ukuthi nguJesu.

15UJesu wathi kuye: “Dadewethu, ukhalelani na? Ufuna bani na? ” UMariya wayethi lona ngumlimi wesivande, wathi kuye: “Mnumzane, uma kunguwe omthathileyo, ngilayele lapho umbeke khona, ukuze ngihambe ngimthathe.”

16UJesu wathi kuye: “Mariya! ” UMariya wabheka ngakuye, wasabela ngesiHebheru wathi: “Rabhuni (okusho ukuthi Mfundisi)! ”

17UJesu wathi kuye: “Ungangithinti, ngoba angikenyukeli kuBaba. Kodwa hamba uye kubafowethu ufike ubatshele ukuthi: ‘Ngiyenyuka ngiya kuBaba onguYihlo, uNkulunkulu wami onguNkulunkulu wenu futhi.’ ”

18UMariya waseMagdala wahamba waya kubafundi wafike wabaxoxela ukuthi uyibonile iNkosi yamtshela lokhu.

UJesu uzibonakalisa kubafundi bakhe
(Mat 28:16-20; Mark 16:14-18; Luk 24:36-49)

19Kwase kuhlwile ngalolosuku, kuyiSonto abafundi bebuthene bezivalele endlini ngokwesaba izikhulu zamaJuda. UJesu wafike wema phakathi kwabo, wababingelela wathi: “Ukuthula bazalwane! ”

20Wakusho lokhu wabakhombisa izandla nohlangothi lwakhe. Abafundi bajabula badela lapha bebona iNkosi.

21UJesu wabuye wathi kubo: “Ukuthula! Njengalokhu uBaba angithuma, nami ngiyanithuma.”

22Wakusho lokhu wasephefumulela kubo wathi: “Yemukelani uMoya oyiNgcwele!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Labo enibathethelela izono zabo zithethelelwe, kanti-ke eningabathetheleli izono zabo zohlala zikubo.”

Ukungakholwa kukaTomasi

24Omunye wabayishumi nambili, uTomasi okuthiwa nguDidimu , wayengekho ngenkathi uJesu efika.

25Abafundi akanye nabo bathi kuye: “Siyibonile iNkosi! ” Wathi kubo: “Angikukholwa lokhu ngingawaboni amanxeba okubethelwa ezandleni zayo, ngifake umunwe emanxebeni ezipikili, ngibuye ngifake isandla enxebeni lohlangothi lwayo.”

26Emuva kwezinsuku eziyisiphohlongo abafundi babebuthene endlini, uTomasi ekhona kanye nabo. Iminyango yayivaliwe, kodwa uJesu wafike wema phakathi kwabo wababingelela wathi: “Ukuthula! ”

27Wayesethi kuTomasi: “Sondeza umunwe wakho lapha, ubone nazi nezandla zami, bese uletha isandla sakho usifake ohlangothini lwami! Yeka ukungabaza; kholwa! ”

28UTomasi waphendula wathi kuye: “Nkosi yami, Nkulunkulu wami! ”

29UJesu wathi kuye: “Usuyakholwa ngoba ungibonile na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga.”

Inhloso yalencwadi

30Ziningi ezinye izimangaliso uJesu ayezenza phambi kwabafundi bakhe, kodwa azilotshiwe kulencwadi.

31Kepha lezi zilotshiwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu, ngokukholwa kwenu nibe nokuphila ngenxa yegama lakhe.

UJohane 21

UJesu uzibonakalisa kubafundi abayisikhombisa

1Kamuva uJesu wabuye wazibonakalisa kubafundi bakhe ngasechibini laseThibheriya. Ukuzibonakalisa kwakhe kwenzeka kanje.

2Kwakubuthene oSimoni Phetro noTomasi othiwa nguDidimu noNataniyeli waseKhana kwelaseGalile namadodana kaZebedi kanye nabanye abafundi bakaJesu ababili.

3USimoni Phetro wathi kubo: “Ngisayodoba.” Bathi kuye: “Sihamba nawe.” Baphuma bakhwela esikebheni, kodwa kababambanga ngishoni kulobubusuku.

4Kuthe ngokuphuma kwelanga uJesu wema ogwini, kepha abafundi babengazi ukuthi lona nguJesu.

5Wababuza wathi: “Bazalwane, anibambanga nhlanzi na? ” Baphendula bathi: “Qha! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Wathi kubo: “Phonsani inetha kwesokunene sesikebhe, yikhona nizothola izinhlanzi.” Baphonsa inetha, behluleka ukulidonsa ngenxa yobuningi bezinhlanzi.

7Lomfundi uJesu ayemthanda kakhulu wathi kuPhetro: “YiNkosi! ” Kwathi ukuba uPhetro ezwe ukuthi yiNkosi, wathatha umdada wakhe weyembe, wazibopha okhalo (ngoba izingubo zakhe wayezikhumulile), wagxuma waphonseka emanzini.

8Nabanye abafundi ayekanye nabo baya ogwini ngesikebhe, badonsa inetha linezinhlanzi. Babengekude kakhulu nogu, beqhelelene nalo ngamamitha angaba yikhulu.

9Kuthe ukuba banyathele ogwini, babona amalahle ekhihlikile nenhlanzi iphezu kwawo, babona nesinkwa.

10UJesu wathi kubo: “Ngiletheleni ezinye izinhlanzi kulezi enisand' ukuzibamba! ”

11USimoni Phetro wakhwela esikebheni, wafike wadonsa inetha, walihudulela ogwini. Laligcwele swi izinhlanzi ezinkulu, ziyikhulu namashumi ayisihlanu nantathu. Yize zaziziningi kangaka, inetha alidabukanga.

12UJesu wathi kubo: “Wozani nizokudla! ” Kepha amukho kubafundi owaba nesibindi sokumbuza ukuthi: “Ungubani wena? ” Babazi ukuthi yiyo kanye iNkosi.

13UJesu wasondela kubo, wathatha isinkwa wabanika sona, wenze njalo nangezinhlanzi.

14Lokhu-ke kwase kungokwesithathu uJesu ezibonakalisa kubafundi bakhe emveni kokuba esevukile kwabafileyo.

“Yondla izimvu zami!”

15Kwathi sebedlile, uJesu wathi kuSimoni Phetro: “Simoni kaJohane, uyangithanda yini kakhulu kunalaba na? ” Waphendula wathi: “Yebo Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda.” Wathi kuye: “Yondla amawundlu ami! ”

16Wayesethi kuye ngokwesibili: “Simoni kaJohane, uyangithanda na? ” Waphendula wathi: “Yebo Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda.” Wathi kuye: “Yalusa izimvu zami! ”

17UJesu wathi kuye ngokwesithathu: “Simoni kaJohane, uyangithanda na? ” UPhetro wadabuka ngoba uJesu wayesembuze kwaze kwakathathu ethi: “Uyangithanda na? ” Wathi kuye: “Nkosi, wena wazi konke, uyazi ukuthi ngiyakuthanda! ” UJesu wathi kuye: “Yondla izimvu zami!

18Impela usemusha wawuzibopha okhalo uye lapho uthanda khona, kodwa lapho usugugile uyokwelula izingalo zakho, omunye akubophe, akuyise lapho ungathandi khona.”

19Wakusho lokhu ekhombisa indlela ayezokufa ngayo uPhetro ukuba uNkulunkulu adunyiswe. Wabuye wathi kuye: “Woza ungilandele! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Umfundi owayethandwa kakhulu nguJesu

[20]UPhetro washingila wabheka emuva wabona umfundi uJesu ayemthanda kakhulu elandela. Nguyena lona okwathi eyeme ngakuJesu ngenkathi kudliwa kusihlwa, wabuza wathi: “Nkosi, ngubani ozokuchilizela ezitheni na? ”

[21]Kwathi ukuba uPhetro ambone, wathi kuJesu: “Nkosi, uthini ngalona pho? ”

[22]UJesu wamphendula wathi: “Ubuhlushwe yini wena uma kuthande mina ukuba abelokhu ekhona ngize ngibuye na? Wena ngilandele kube kuphela! ”

[23]Kwase kwanda amahemuhemu phakathi kwabazalwane ukuthi lomfundi akayikufa. Empeleni uJesu akashongo kuPhetro ukuthi lomfundi akayikufa, kodwa wathi: “Ubuhlushwe yini wena uma kuthande mina ukuba abelokhu ekhona ngize ngibuye na? ”

[24]Nguye lomfundi ofakaza ngalezizinto, nguye futhi ozilobe phansi. Siyazi ukuthi ubufakazi bakhe buqinisile.

Isiphetho

[25]Ziningi ezinye izinto ezazenziwa nguJesu. Uma zingase zilotshwe zonke ngononina, ngibona sengathi kungantuleka indawo emhlabeni okungabekwa kuyo izincwadi ezingase zilotshwe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ImiSebenzi

ImiSebenzi 1

UJesu wethembisa ukuthumela uMoya oyiNgcwele

1 E Tofilasi! Encwadini engaqala ngayo, ngaloba ngemisebenzi yonke kaJesu nakho
konke ayefundisa ngakho

2 kwaze kwaba mhla enyuselwa ezulwini. Engakenyuki wabeka ngoMoya
oyiNgcwele umyalo kubaphostoli ayebakhethile.

3 Emuva kokuhlushwa nokubulawa kwakhe wazibonakalisa kubo, ebakhombisa
ngezindlela eziningi ezingangabazeki ukuthi uyaphila. Esithubeni sezinsuku
ezingamashumi amane babede bembona futhifuthi, ekhuluma nabo ngezombuso
kaNkulunkulu.

4 Kuthe endawonye nabo kudliwa wabayala wathi: “Hlalani eJerusalema ningasuki,
nilindele isipho enisethenjiswe nguBaba njengoba nganibikela ngaso.

5 UJohane wayebhabhadisa ngamanzi, kodwa nina nizobhabhadiswa ngoMoya
oyiNgcwele emuva kwezinsukwana nje.”

UJesu wenyukela ezulwini

6 Langalimbe mhla bendawonye bambuza bathi: “Nkosi, sekuyiso yini isikhathi
sokubuya kwalo elakwaIsrayeli, wenze ukuba kudliwe ngoludala na? ”

7 Wabaphendula wathi: “Akusikho okwenu ukwazi izikhathi nemizuzu emiswe
nguBaba ngegunya lakhe.

8 UMoya oyiNgcwele uyokwehlela kini nithole amandla, nibe ngofakazi bami
eJerusalema nakulo lonke elaseJudiya nelaseSamariya kuze kufike
emaphethelweni omhlaba.”

9 Wakusho lokhu maqede wenyuselwa ezulwini bebhekile, wagubuzelwa yifu
lamsitha, kababe besambona.

10 Babesagqolozele ezulwini bebukela enyuka, khona lapho babona kumi eduze
kwabo amadoda amabili embethe izingubo ezimhlophe.

11 Athi kubo: “Madoda aseGalile, nimeleni lapha nigqolozele ezulwini na? Phela
uJesu lona othathiwe kini wenyuselwa ezulwini, uyobuya kanjalo njengoba
nimbone enyuka.”

Owakhethwa esikhundleni sikaJudasi

12 Babuyela eJerusalema, bashiya egqumeni elithiwa yiNtaba yemiHlwathi.
Liseduze neJerusalema, ibanga elingangohambooluvunyelwe ngosuku
lwesabatha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Bafika lapho baqonda kuleyondlu ephezulu lapho babengenise khona. KwakungoPhetro noJohane noJakobe noAndreya, uFiliphu noTomasi, uBhatolomu noMatewu, uJakobe ka-Alfiyose noSimoni umshokobezi noJudasi kaJakobe.

14Bonke laba babelokhu bekhuleke njalo ngamoya munye kanye nabesifazane noMariya unina kaJesu nabafowabo bakaJesu.

15Kuthe kulezonsuku kubuthene abazalwane abalinganiselwa ekhulwini elinamashumi amabili, uPhetro wasukuma phakathi kwabo wathi:

16“Bazalwane! Bekumele kugcwaliseke amazwi ombhalo, uMoya oyiNgcwele owawakhuluma ngomlomo kaDavide, ubikezela ngoJudasi owaba yimpimpi yalabo ababopha uJesu.

17Wayebalwe kanye nathi, enikwe isabelo kulomsebenzi wethu.

18Phela uJudasindini lona wathenga insimu ngemali ayithola ngokonakala kwakhe, kepha wagxumekeka ngekhanda phansi, waqhuma isisu kwachitheka zonke izibilini zakhe.

19Lendaba yezwakala kubo bonke abakhileyo eJerusalema, baze bayiqamba lensimu ngolimi lwakubo bathi yiHakheldama okusho ukuthi yiNsimu yeGazi.

20Kulotshiwe encwadini yamaHubo kwathiwa: “ ‘Umuzi wakhe awuqothulwe ube yihlane, ekhaya lakhe kusale kukhala ibhungane,’ “nokuthi: “ ‘Isikhundla sakhe asithathwe ngomunye! ’

21“Ngakhoke kufanele kukhethwe enye yalawamadoda ayehambisana nathi ngaso sonke isikhathi iNkosi uJesu yehla yenyuka phakathi kwethu,

22kusukela mhla ibhabhadiswa nguJohane kuze kube mhla ithathwa kithi yenyuselwa ezulwini. Lendoda izofakaza kanye nathi ngokuvuka kukaJesu ekufeni.”

23Base bephakamisa ababili: uJosefa owayaziwa ngokuthi nguBhasabha (ebizwa nangelikaJustu) kanye noMathiyase.

24Base bekhuleka bethi: “Nkosi, wena owazi izinhliziyo zabo bonke, khomba ukuthi yimuphi kulaba ababili omkhethileyo

25ukuba athathe isikhundla salomsebenzi wobuphostoli esashiywa nguJudasi waya lapho kumfanele khona.”

26Base benza inkatho, yadla uMathiyase. Naye-ke waba ngumphostoli wabalwa kanye nabayishumi nanye.

ImiSebenzi 2

Ukufika koMoya oyiNgcwele

1Lwafika usuku lomkhosi wePhentekhoste bebuthene ndawonye bonke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Sekuthi bengazelele sekuzwakala umsindo uvela ezulwini, kusengathi yisivunguvungu esinamandla. Kwahlokoma indlu yonke ababehlezi kuyo.

3Base bebona okusengathi kungamalangabi emise okolimi ehlukana ehlela kubo, yilowo nalowo wathintwa yilangabi.

4UMoya oyiNgcwele wangena wagcwala kubo bonke, base bekhuluma ngezinye izilimi, yilowo nalowo njengalokhu uMoya umenza aphumisele.

5Kwakukhona amaJuda ayakhe eJerusalema, engamakholwa esaba uNkulunkulu evela emazweni onke angaphansi komthunzi welanga.

6Lapho kuzwakala lomsindo, kwabuthana uquqaba lwabantu. Basambatheka lapho bezwa abafundi beshumayela, ngoba yilowo nalowo wezwa kukhulunywa ulimi lwakubo.

7Bamangala babamba ongezansi, yilowo wathi: “Hawu! Kanti kabayibo abaseGalile bonke laba esibezwa bekhuluma na?

8Kwenzeka kanjani pho ukuba umuntu ngomuntu ezwe ulimi lwakubo aluncelayo? Sibe kodwa sivela emazweni ngamazwe:

9ePhathiya naseMediya nakwaElamu, kwelaseMesophothamiya naseJudiya naseKhaphadosiya, kwelasePhontu naseAsiya,

10kwelaseFrigiya nasePhamfiliya, kwelaseGibhithe nasesifundeni saseLibhiya ngasemzini waseSayirene; kukhona nezivakashi ezivela eRoma,

11amaJuda nabaphendukele enkolweni yawo, kukhona nabaseKhrethe naseArabhiya. Nokho thina sonke sibezwa bekhuluma izilimi zakithi beshumayela ngemisebenzi emangalisayo kaMvelinqangi.”

12Bonke bamangala basambatheka, babuzana bathi: “Mhlola muni lona na? ”

13Kepha abanye babhinqa bathi: “Badakwe yifumuka lewayini laba! ”

Intshumayelo kaPhetro ngomhla wePhentekhoste

14UPhetro wasukuma nabayishumi nanye, wakhuluma kubantu wathi: “Madoda akithi, maJuda nani nonke enakhe eJerusalema! Kuhle kwazeke lokhu kini, nibeke udlebe kulamazwi ami!

15Laba kabadakiwe njengoba nicabanga, ingani kusesekuseni kuseyihora lethoba.

16Kodwa yikho lokhu ashumayela ngakho umphrofethi uJoweli wathi:

17“ ‘UNkulunkulu uthi: “ ‘Kuyokwenzeka emihleni yokugcina ngithumele uMoya wami ungene kubantu bonke abasemhlabeni, amadodana namadodakazi enu abe ngabaphrofethi ashumayele, izinsizwa zenu zibone imibono, amaxhegu enu aphuphe amaphupho.

18Ngaleyomihla ngiyothumela uMoya wami ungene ezincekwini nasezincekukazini zami, nazo zibe ngabaphrofethi zishumayele.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Ngiyoveza imigilingwane ezulwini phezulu nezibonakaliso emhlabeni phansi, igazi nomlilo nomusi wentuthu.

20Ilanga liyofiphala kube mnyama, inyanga ibheje ibe njengegazi lungakafiki usuku lukaSimakade olugqame ngodumo olukhulu.

21Sekuyosindiswa wonke umuntu obiza igama likaSimakade.'

22"MaIsrayeli, ngilaleleni kahle! UJesu waseNazaretha wayengumuntu owayethunyelwe nguMvelinqangi. Lokhu kwavela kwasobala ngemisebenzi yamandla nezimangaliso nezibonakaliso uMvelinqangi azenza ngaye. Nina uqobo lwenu nikwazi kahle lokho, njengoba kwenzeka lapha phambi kwenu.

23UMvelinqangi owazi konke kungakenzeki, wayevele esenqumile ngentando yakhe ukuthi uJesu uzonikelwa kini. Nina-ke nabangela ukuba abulawe bambethele esiphambanweni laba abangawaziyo umthetho kaNkulunkulu.

24Kodwa uNkulunkulu wayiqeda iminjunju yokufa, wamvusa ekufeni. Phela uJesu wayengeke anqotshwa ukufa.

25Ngoba nenkosi uDavide yawasho lawamazwi akhe yathi: " 'Lokhu ngikuqwashile mihla yonke: ngibona uSimakade engakwesokunene sami ukuze ngingazanyazanyiswa lutho.

26Ngakhoke inhliziyo yami iyathokoza nolimi lwami luqhumuka ngokwethaba, ngisho nomzimba wami imbala uyophumula unethemba lokuthi

27awuyukungiyekelela ngibhubhe ngehlele phansi kwelabafileyo, awunakuvuma oNgcwele wakho afe bese ebola adliwe yimpethu.

28Ungazisile izindlela zokuphila, uyongenza ngiphuphume injabulo lapho sengiphambi kobuso bakho.'

29"Bazalwane! Angikhulume ngokusobala ngenkosi uDavide ukhokho! Yakhothama yafihlwa, ithuna layo sisengalikhomba khona lapha nanamuhla.

30Yayingumphrofethi yazi ukuthi uMvelinqangi uyifungele wayithembisa ukuthi uyoyibekela owozalo lwayo esihlalweni sayo sobukhosi, abuse njengayo.

31Yakubona kusekude ukuvuka kukaMesiya ekufeni, yakhuluma ngakho yathi akanakuyekelelwa ezweni labafileyo, umzimba wakhe ubole udliwe yimpethu.

32"Nguye-ke loJesu owavuswa nguMvelinqangi ekufeni; thina sonke singofakazi balokho.

33Usekhushulelwe ngakwesokunene sikaMvelinqangi, uYise wamemukelisa uMoya oyiNgcwele owawethenjisiwe, wehlisela kithi lesisipho sakhe, kwenzeka lokhu enikubonayo nenikuzwayo lapha.

34Ngoba akuyena uDavide owenyukela ezulwini, kodwa wathi: " 'USimakade wathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35ngize nginqobe izitha zakho zithele kuwe! ’

36“Ngakhoke impela akwazeke kini nonke nina bendlu yakwaIsrayeli ukuthi uMvelinqangi wamenza waba yiNkosi noMesiya loJesu enambethela esiphambanweni.”

37Kuthe bangakuzwa lokhu lahlaba lephukela ezinhliziyweni zabo, babuza kuPhetro nakubaphostoli abanye bathi: “Bazalwane sizokwenze njani na? ”

38UPhetro wabaphendula wathi: “Phendukani, kube yilowo abhabhadiswe ngegama likaJesu Kristu, yikhona niyothethelelwa izono zenu, namukeliswe isipho esinguMoya oyiNgcwele.

39Isethembiso sikaNkulunkulu singesenu kanye nabantabenu, singesabantu abasekudeni futhi, bonke labo ebamemayo iNkosi uNkulunkulu wethu.”

40UPhetro wakhuluma kubo kabanzi ebayala ethi: “Phendukani nisindiswe kulesisizukulwane esonakeleyo! ”

41Labo abawemukelayo amazwi akhe babhabhadiswa; ngalolosuku kwanda isibalo sabakholwayo ngabantu ababalelwa ezinkulungwaneni ezintathu.

42Bakhuthalela isifundiso sabaphostoli, nobudlelwane ebandleni, nokwabelana ukudla enkonzweni, nemikhuleko.

Ukuhlalisana kwabakholwa kuJesu

43Kwenzeka izimangaliso nezibonakaliso eziningi ngesandla sabaphostoli, wonke umuntu wehlelwa ngukwesaba.

44Abakholwayo babehlalisana bonke ngokuzwana, babelana konke ababenakho.

45Bathengisa ngemihlaba nempahla yabo, lokho abakuzuzayo bakwaba ukuze bonke bathole, kwaya ngesidingo salowo nalowo.

46Babedamane bebuthana mihla yonke ethempelini nganhliziyonye, behambelana emakhaya babelana isinkwa, bedla ndawonye benamile bekhululekile.

47Babedumisa uMvelinqangi, bethandeka kubantu bonke. Baningi ababesindiswa yiNkosi imihla ngemihla, landa ibandla.

ImiSebenzi 3

Ukuphiliswa kwesishosha ngasesangweni lethempeli

1Langathize uPhetro noJohane sebeya ethempelini ngesikhathi sokukhuleka kuyihora lesithathu ntambama.

2Kwakukhona lapho indoda eyayiyisishosha kwazekuzalweni kwayo. Yayide ithwalwa zonke izinsuku, ibekwe ngasemnyango wethempeli owawuthiwa yiSango lakwaNokusho, ukuba inxibe kwababengena ethempelini.

3Yathi ingabona oPhetro noJohane beza sebezongena ethempelini, yanxiba kubo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Bayigqolozela, uPhetro wathi kuyo: “Sibheke! ”

5Yabathi njo yethemba ukuthi kukhona ezokuthola.

6Kodwa uPhetro wathi: “Anginasiliva nagolide, kepha ngikunika lokho enginakho. Ngamandla egama likaJesu Kristu waseNazaretha ngithi kuwe: Sukuma uhambe! ”

7Wayibamba ngesandla sokudla wayisukumisa. Kwaqina izinyawo namaqakala ayo khona lapho,

8yathi lacu yema yathatha unyawo. Yangena nabo ethempelini, ihamba igxuma idumisa uMvelinqangi.

9Isixuku sonke sayibona ihamba idumisa uNkulunkulu.

10Babona ukuthi yiyo lendoda ebihlala inxiba ngaseSangweni lakwaNokusho ethempelini. Bamangala kakhulu bathatheka ngalokho okwakwenzeke kuyo.

Intshumayelo kaPhetro ethempelini

11Yanamathela kuPhetro noJohane, abantu bonke base begijimela kubo, babangunga emhubheni okuthiwa ngokaSolomoni, bemangele kakhulu.

12UPhetro wabona isixuku, wathi kuso: “MaIsrayeli, nenziwa yini ukuba kunimangalise lokhu? Futhi yini nisigqolozele sengathi yithina esenze lendoda yasukuma yahamba ngamandla ethu nangokukholwa kwethu na?

13UNkulunkulu kaIsaka, uNkulunkulu kaJakobe, uNkulunkulu wawokhokho, uyiphakamisile inceku yakhe uJesu, wayinika udumo. Nayinikela ezandleni zababusi, nayiphika phambi kukaPilatu nalapho esenqume ukuyidedela.

14Nina namphika oNgcwele noLungileyo, nacela ukuba nikhululelwe umbulali.

15Nase nimbulala ongumthombo wokuphila. Kodwa uMvelinqangi wamvusa kwabafileyo, esingakufakazela thina.

16Yileligama likaJesu nokukholwa kwethu kulo okumtholise amandla lomuntu enimbonayo nenimaziyo. Ukukholwa esikuthola kulo kumenze waphila saka njengoba nizibonela nonke.

17“Bazalwane! Ngiyazi ukuthi enakwenzayo nakwenza ngokungazi, nina nezikhulu zenu.

18Kepha yiyo lendlela uMvelinqangi afeze ngayo lokhu ayekubikezele ngomlomo wabaphrofethi bakhe bonke ukuthi umgcotshwa wakhe uyohlushwa.

19Phendukani nibuyele kuNkulunkulu, yikhona kuzosuswa izono zenu,

20iNkosi uSomandla ibisifikisa izikhathi zokuphunyuzwa, ithumele kini lowo eyayivele imkhethile yammisa ukuba abe nguMesiya wenu, lowo-ke nguJesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Izulu limamukele, kufanele ahlale khona kuze kufike isikhathi lapho konke
kuyovuselelwa kube kusha. UMvelinqangi wakumemezela lokhu ngokushumayela
kwabaphrofethi bakhe abangcwele basendulo.

22UMose wathi: 'USimakade uNkulunkulu wenu uyonimisela umphrofethi
onjengami oyovela kwabakini. Nize nimlalele kukho konke ayokukhuluma kini.

23Bonke abangamlaleli lomphrofethi bayoqothwa baphele phakathi kwesizwe
sikaNkulunkulu.'

24Nabaphrofethi bonke abake baletha umlayezo kaNkulunkulu, oSamuweli
nabalandelayo, bakumemezela lokhu osekwenzeka kulezizinsuku.

25Nina niyinzalo yabaphrofethi, ningabesivumelwano uNkulunkulu asibopha
nokhokho benu mhla ethi kuAbhrahama: 'Kuyobusiswa yonke imindeni yomhlaba
ngenzalo yakho.'

26UMvelinqangi wavusa inceku yakhe, wayithumela kini kuqala ukuze inibusise
inenze niphenduke, yilowo nalowo ebubini bakhe."

ImiSebenzi 4

UPhetro noJohane baphambi komkhandlu

1Kuthe besashumayeza isixuku, bathelekelwa ngabaphristi nenduna
yogqayinyanga bethempeli kanye nabasadusi.

2Kwakubacasula ukuthi abaphostoli bafundisa isixuku, bamemezela ukuthi
kukhona ukuvuka kwabafileyo, ngoba uJesu wavuka.

3Base bebadumela babavalela kwaze kwaba ngakusasa, nakhu phela kwase
kuhlwile.

4Baningi abase beyizwile intshumayelo kaPhetro noJohane baphenduka
bakholwa, amadoda ebalelwa ezinkulungwaneni eziyisihlanu.

5Ngakusasa kwabuthana eJerusalema izikhulu zamaJuda kanye nezigele
nezazimibhalo.

6Kwakukhona uHanase umphristi omkhulu, noKhayifase noJohane noAleksanda,
nabanye balo lonke uzalo lomphristi omkhulu.

7Bamisa uPhetro noJohane emkhandlwini babaphenya bathi: "Nikwenza lokhu
ngamaphi amandla nangegama likabani na? "

8UPhetro wayegcwele uMoya oyiNgcwele wathi kubo: "Zikhulu zesizwe nani
zigele!

9Namuhla sibekwa icala ngenxa yesenzo esihle esisenze kulomuntu oyisishosha.
Sibuzwa ukuthi ngabe usinde kanjani.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Ngakhoke akwazeke kini nonke lokhu nakuso sonke isizwe sakwaIsrayeli: Lomuntu umi lapha phambi kwenu ephilile ngamandla egama likaJesu Kristu waseNazaretha enambethela esiphambanweni, uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo.

11Nguye uJesu okulotshwe ngaye embhalweni ongcwele kwathiwa: " 'Itshe lokwakha elaliwa yinina bakhi nithi liyinto engenamkhuba, kwaba yilona sisekelo njengensika ephase indlu.'

12"Akukho kusindiswa ngomunye; alikho futhi elinye igama kunelakhe ezulwini nasemhlabeni esilinikiwe thina bantu, esiyosindiswa ngalo."

13Amalungu omkhandlu amangala lapho ebona isibindi sikaPhetro noJohane, kanti ayebazi bengabantukazana abangafundile. Ayesephawula ukuthi babekade behamba noJesu.

14Kwathi lapho ebona indoda eyayiphilisiwe imi nabo, ehluleka ukubaphikisa.

15Ayesethi abadede phambi komkhandlu baphumele phandle, ahlanganisa amakhanda abuzana

16athi: "Sizobenze njani lababantu na? Kukhanyela noma ubani owakhe eJerusalema ukuthi laba benze into yamehlo esingenakuyiphika.

17Kodwa ukuze lendaba ingandi isakazeke ebantwini masibethuse, bangaphinde baliphathe leligama lapho beshumayela! "

18Ababiza bangena, abadonsa ngendlebe ukuba bangalokothi baliphathe igama likaJesu lapho beshumayela kumbe befundisa.

19Kepha oPhetro noJohane bawaphendula bathi: "Nqumani nina nisho ukuthi kulungile yini phambi kukaNkulunkulu ukuba silalele nina kunaye na.

20Thina ngokwethu asinakuyeka ukushumayela ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo."

21Umkhandlu waphinde wabadonsa ngendlebe, wawusubadedela. Wehluleka ukubajezisa, ngoba wesaba isixuku, njengoba bonke babedumisa uNkulunkulu ngokwenzekileyo.

22Lomuntu okwakwenzeke kuye isimangaliso sokuphiliswa esinje wayeneminyaka engamashumi amane evayo ubudala.

Ukukhuleka kwamakholwa ecela ukumiswa isibindi

23Kuthe bangadedelwa base beya kubazalwane, bababikela konke izikhulu zabaphristi nezigele ezazikushilo kubo.

24Kuthe bangakuzwa lokhu, bakhuleka kuNkulunkulu ngamoya munye bamemeza bathi: "Somandla, wena owadala izulu nomhlaba nolwandle nakho konke okukukho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Wakhuluma ngomlomo kakhokho uDavide inceku yakho lapho eqhutshwa nguMoya oyiNgcwele, wathi: “ ‘Kungani ukuba izizwe zixokozele, zakhe uzungu, izinhlanga zisongoze okuyize na?

26Amakhosi omhlaba ayemi ngezinyawo ehlomile, nababusi babumbana bahlanganyela uSimakade nomgcotshwa wakhe.’

27“Impela bahlangene kulomuzi oHerodi noPhontu Pilatu kanye nabezizwe nemindeni yakwaIsrayeli, bahlanganyela inceku yakho engcwele uJesu owammisa waba ngumgcotshwa wakho.

28Bakwenzile lokhu, kodwa basimze bafeza lokho owawuvele ukuhlelile wakunquma ngamandla akho ukuba kwenzeke.

29Nkosi awubheke, bayasisongela! Izinceku zakho ake uzimise isibindi zishumayele izwi lakho zingesabi.

30Yelula ingalo yakho uphilise iziguli, wenze izimangaliso nezibonakaliso ngegama likaJesu, inceku yakho engcwele! ”

31Sebeqedile ukukhuleka kwazamazama indawo lapho babebuthanele khona, noMoya oyiNgcwele wangena wagcwala kubo bonke, bashumayela izwi likaNkulunkulu ngesibindi.

Ukwabelana izimpahla

32Isixuku sabakholwayo sasinhliziyonye simoya munye. Kwakungekho namunye phakathi kwabo owayegodla impahla yakhe, ethi ingeyakhe yedwa, kodwa konke ababenakho bakuhlanganyela bonke.

33Abaphostoli babefakaza ngamandla amakhulu ngokuvuka kweNkosi uJesu ekufeni; uNkulunkulu wabenzela umusa wababusisa.

34Amukho owayentula phakathi kwabo. Bonke ababenemihlaba nezindlu babethengisa ngakho, bese bethatha abakutholayo

35bakwethule phambi kwabaphostoli, bese kwabelwa lowo nalowomuntu njengokuswela kwakhe.

36Kwakukhona umLevi owayezalelwe esiqhingini saseSayiphro ogama lakhe nguJosefa; abaphostoli babembiza ngokuthi uBhanabhasi (okusho ukuthi nguMduduzi).

37Naye wayenomhlaba awuthengisayo, wafike wethula imali kubaphostoli.

ImiSebenzi 5

OHananiya noSafira

1Indoda ethile egama layo nguHananiya nomkayo uSafira yathengisa ngendawo.

2Yagodla inxenye yemali, enye yayethula kubaphostoli. Nomkayo wayeyazi lento.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Kodwa uPhetro wathi kuyo: “Hananiya, uSathane ungene kanjani kuwe ukuba uze uqambe amanga uzame ukukhohlisa uMoya oyiNgcwele, ugodle inxenye yemali yendawo na?

4Kanti bekuvele kungeyona yini eyakho lendawo ungakayithengisi na? Nalapho usuyithengisile, ubungezenzele okubonayo ngemali yakho na? Enhliziyweni yakho uthandeleni ukwenza into embi kangaka na? Awuqambanga amanga kubantu kodwa uwaqambe kuNkulunkulu.”

5UHananiya wamuzwa uPhetro esho lokhu, washayeka phansi wafa. Bonke abayizwayo lendaba bashaywa uvalo bathuthumela.

6Izinsizwa zasuka zathatha isidumbu sakhe zasisonga, zaphuma naso zafike zasingcwaba.

7Kwaphela okungathi amahora amathathu kwangena umkakhe, engazi lutho ngokwenzekileyo.

8UPhetro wathi kuye: “Ake ungitshele! Nithengise ngomhlaba nazuza lemali kuphela na? ” Waphendula wathi: “Yebo, yilemali kuphela.”

9UPhetro wathi kuye: “Nikwenzeleni ukuba nivumelane ngokulinga uMoya weNkosi na? Uyazizwa izigi zalabo abakade bengcwaba umyeni wakho, sebesemnyango bazothwala nesakho isidumbu.”

10USafira washayeka phansi khona lapho wafa phambi kukaPhetro. Zathi zingena izinsizwa, zamfica uSafira esefile. Zathwala isidumbu sakhe zafike zasingcwaba eduze komyeni wakhe.

11Lehlelwa uvalo olukhulu ibandla lonke kanye nabo bonke abayizwayo lento.

Abaphostoli benza izibonakaliso nezimangaliso

12Kwenziwa izibonakaliso nezimangaliso eziningi phakathi kwabantu ngesandla sabaphostoli. Amakholwa onke abuthanela emhubheni kaSolomoni emoya munye.

13Akukho muntu kubantu abangaphandle kwenkonzo owaba nesibindi sokunamathela kuwo, kodwa nokho atuswa ngabantu bonke.

14Kodwa okukhulu kakhulu ukuthi baya ngokwanda abangena ebandleni bekholwa eNkosini, izindimbane zabesilisa nabesifazane.

15Kwathwalwa neziguli zalaliswa ohlakeni nasemacansini zabekwa emigwaqweni, ukuze nje zisale sezelekwa yisithunzi sikaPhetro lapho edlula.

16Kwavela nasemizaneni ezungeze iJerusalema izindimbane zabantu, zilethe abagulayo nababekhathazwa yimimoya engcolileyo, bafike baphiliswe bonke.

Ukuhlushwa kwabaphostoli

17Umphristi omkhulu nabo bonke ayekanye nabo, bengabeqembu labasadusi, bayisukumela lendaba. Babafela umona abaphostoli,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18bababamba babagquma ejele.

19Kwafika ingilosi yeNkosi ebusuku, yavula iminyango yejele, yabakhipha yathi kubo:

20“Hambani niye ethempelini, nishumayeze abantu amazwi alokhukuphila okusha! ”

21Abaphostoli balalela, baya ethempelini entathakusa, bafike bafundisa abantu. Umphristi omkhulu nababenaye babiza zonke izigele zomkhandlu wamaIsrayeli. Base bethumela ejele ukuba kulandwe abaphostoli.

22Ogqayinyanga baya ejele, kabaze babafica, base bebuyela emuva, bafika babika

23bathi: “Sifice kuvaliwe ejele, nabalindi bemi beqaphe iminyango. Kodwa lapha sivula, kasificanga muntu phakathi.”

24Kuthe induna yogqayinyanga basethempelini ingakuzwa lokhu, yadideka kanye nezikhulu zabaphristi, bengazi ukuthi kazi kwehlakeleni kubaphostoli.

25Kwase kufika umuntu wathi kubo: “Lawamadoda ebeniwagqume ejele alaphaya ethempelini afundisa abantu.”

26Induna yayisisuka isihamba nogqayinyanga, bafike bagquba abaphostoli babuya nabo. Kababakhahlamezanga, ngoba babesaba isixuku, hleze singase sibakhande ngamatshe.

27Bagquba abaphostoli babamisa phambi komkhandlu wezigele. Umphristi omkhulu wayesebabuza

28wathi: “Asinidonsanga yini ngendlebe ukuba ningaliphathi leligama lapho nifundisa na? Ake nibheke into eseniyenzile! Imfundiso yenu seniyisakaze kulo lonke iJerusalema, nisethwesa icala legazi lalomuntu.”

29UPhetro kanye nabaphostoli baphendula bathi: “Kumele silalele uNkulunkulu kunabantu.

30UNkulunkulu wawokhokho wavusa uJesu enambulala ngokumlengisa esigxotsheni.

31UNkulunkulu wamenyusela ngakwesokunene sakhe, wamenza waba ngumbusi nomsindisi, ukuba anike abakwaIsrayeli ithuba lokuphenduka, bathethelelwe izono zabo.

32Thina-ke singofakazi balokhu, kanye noMoya oyiNgcwele oyisipho sikaNkulunkulu kwabamlalelayo.”

33Kwathi ukuba amalungu omkhandlu akuzwe lokho, athukuthela agaya izibozi, abonisana ngokuthi ababulawe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Kwakukhona ilungu lomkhandlu, umfarisi ogama lakhe linguGamaliyeli, ingcweti yomthetho eyayihlonishwa ngabantu bonke. Waphakama wathi abaphostoli abakhishelwe phandle okwesikhashana.

35Wayesephefumula ethi emkhandlwini: “Nina bakwaIsrayeli! Ake nicabange kahle ngalokho enihlose ukukwenza kulababantu!

36Phambilini kuke kwakhona uThewuda owayezenza into ethile. Wayenabalandeli, amadoda abalelwa emakhulwini amane. Wabulawa, kwahlakazeka abalandeli bakhe, yaphela indaba yabo.

37Kwaphinde kwavela uJudasi waseGalile ngesikhathi sokubhalisa amagama; wathola izindimbane zabalandeli. Naye wabhubha, base behlakazeka bonke abalandeli bakhe.

38Ngakhoke ngiyaneluleka ngithi: Bayekeni lababantu bahambe! Uma ngabe lelisu nalomsebenzi kuyinto esungulwe ngabantu nje kuzoziphelela,

39kodwa uma kusungulwe nguNkulunkulu ngeke nibachithe. Qaphelani hleze kube sengathi nilwa noNkulunkulu! ” Basithobela iseluleko sakhe.

40Babiza abaphostoli bangena, base bebadinda. Babayala ukuba bangashumayeli baphathe igama likaJesu, base bebadedela.

41Abaphostoli baphuma emkhandlwini bethokozela ukuthi uNkulunkulu ubabona befanele ukuthwala ihlazo ngenxa yegama likaJesu.

42Baqhubeka bafundisa nsuku zonke ethempelini nasemakhaya beshumayela indaba emnandi elanda ngoJesu uMesiya.

ImiSebenzi 6

Ibandla likhetha amagosa ayisikhombisa

1Isibalo sabakholwayo sasilokhu sanda. Ngaleyonkathi kwaba khona ukukhononda phakathi kwabo, amaJuda akhuluma isiGriki esola amaJuda omdabu, ethi kubandlululwa abafelokazi bawo ekwabeni kwemihla ngemihla.

2Abayishumi nambili base bebiza ibandla lonke labakholwayo bathi kulo: “Akufanele ukuba sidebesele umsebenzi wezwi, silibale yizithebe zokudla.

3Ngakhoke bazalwane, khethani phakathi kwenu amadoda ayisikhombisa anegama elihle akhaliphile agcwele uMoya oyiNgcwele, siwabeke abhekane nalomsebenzi.

4Thina sizogxila ekukhulekeni nasekushumayeleni izwi.”

5Ibandla lonke lasithakasela lesisiphakamiso, lase likhetha laba: uStefano, indoda eyayinokukholwa okunamandla, igcwele uMoya oyiNgcwele, noFiliphu noPhrokhoro noNikhano noThimoni noPhamena noNikholawo, owezizwe waseAntiyokhi owayephendukele enkolweni yamaJuda.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Labethula kubaphostoli, base bekhuleka bebabeka izandla.

7Izwi likaNkulunkulu lachuma landa. Isibalo sabakholwayo eJerusalema sanda kakhulu, kwaze kwakholwa ngisho nabaphristi abaningi imbala.

Ukuboshwa kukaStefano

8UStefano wayegcwele umusa kaNkulunkulu, enamandla amakhulu okwenza izimangaliso nezibonakaliso ezinkulu phakathi kwabantu.

9Kwasuka amadoda athile esinagoge okuthiwa ngelabaZiphethe, lalinamaJuda avela eSayirene naseAleksandriya. Lawamadoda kanye namanye amaJuda avela kwelaseSilisiya nakwelaseAsiya asukela uStefano aqagulisana naye.

10Kodwa ehluleka ukumelana nenhlakanipho yakhe ngoba wayekhuluma eholwa nguMoya oyiNgcwele.

11Ayesefumbathisa ngasese abantu abathile ukuba bathi: “Simzwile ekhuluma amazwi ajivaza uMose noNkulunkulu.”

12Bamsasazela ngesixuku nezigele nezazimibhalo. Bamthelekela uStefano bambamba bamhudulela phambi komkhandlu wezigele.

13Kwase kuvela ofakazi abaqamba amanga bethi: “Lomuntu yilokhu egxeka lelithempeli elingcwele nomthetho kaMose.

14Simzwile ethi uJesu waseNazaretha uyodiliza lelithempeli aguqule amasiko ethu avela kuMose.”

15Bonke ababesemkhandlwini bamgqolozela uStefano, babona ubuso bakhe bubukeka njengobengilosi.

ImiSebenzi 7

Ukuziphendulela kukaStefano

1Umphristi omkhulu wabuza uStefano wathi: “Kuyiqiniso yini lokhu na? ”

2Waphendula wathi: “Bakwethu, bafowethu nani bobaba, ake nilalele! UNkulunkulu odumisekayo wabonakala kukhokho uAbrahama ngenkathi esakhe eMesophothamiya engakathutheli emzini waseHarane.

3Wathi kuye: ‘Thutha ushiye elakini nezihlobo, uye ezweni engiyokukhombisa lona! ’

4Nebala wasuka ezweni lamaKhaledi wathuthela eHarane. Kuthe ukuba uAbhrahama ashonelwe nguyise, uNkulunkulu wammukisa lapho, wamletha kulelizwe esenakhe kulo manje.

5Akamnikanga sabelo sefa kulo, akamsikelanga ngisho nasiqintana sodwa lesi. Kodwa wamethembisa ukuthi uyomabela lona, libe ngelakhe nelenzalo yakhe. Lesisethembiso senziwa engakabi namntwana uAbhrahama.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Usethi-ke uNkulunkulu kuye: ‘Inzalo yakho iyoba ngabokuhamba kwelabezizwe, igqilazwe iphathwe ngonya iminyaka engamakhulu amane.’

7UNkulunkulu wayesethi: ‘Kepha mina ngiyosahlulela lesosizwe esibagqilazayo, okuyothi kamuva baphume kulelozwe bafike bangikhonze kulendawo.’

8Wayesenza isivumelwano noAbhrahama esiluphawo lwaso lungukusoka. UAbhrahama wazala uIsaka wamsoka ngosuku lwesiphohlongo. NoIsaka wenze njalo kuJakobe indodana yakhe, naye wazala amadodana ayishumi nambili angokhokho kithi, wawasoka.

9“Okhokho laba bamfela umona uJosefa umfowabo, bamthengisa waba yisigqila eGibhithe. Kodwa uNkulunkulu waba naye wamsiza,

10wamhlenga ezinhluphekweni zakhe zonke. Wamupha ukuhlakanipha nesasasa phambi kukaFaro inkosi yaseGibhithe, waze wabekwa waba ngundunankulu waphatha elaseGibhithe nomuzi wonke kaFaro.

11Kwaba khona umadlantule wendlala, kwahlushekwa kulo lonke elaseGibhithe nelakwaKhanana. Ikati lalala eziko kokhokho.

12Kuthe ukuba uJakobe ezwe ukuthi kuyatholakala ukudla eGibhithe, wabathumela khona okhokho ngokokuqala.

13Uma sebebuyela khona ngokwesibili, uJosefa waziveza kubafowabo bambona ukuthi nguye; inkosi uFaro yayisibikelwa ngozalo lwakwabo kaJosefa.

14UJosefa wathumela kuJakobe uyise embiza ethi akeze nezihlobo zakhe zonke; babengamashumi ayisikhombisa nanhlanu sebebonke.

15UJakobe wasuka wehlela eGibhithe. Kulapho afela khona kanye nokhokho.

16Izidumbu zabo zathathwa zasiwa kwaShekhemu, zafike zangcwatshwa ethuneni lelo uAbhrahama ayelithenge kwabakwaHamori ngemali eyisiliva.

17“Ngenkathi sekusondele ithuba lokufezeka kwesethembiso uNkulunkulu ayesenze kuAbhrahama, abantu bakithi base bandile sebeyisizwe esikhulu eGibhithe.

18Kwavela enye inkosi eGibhithe eyayingazi lutho ngoJosefa.

19Yasihlakaniphela isizwe sakithi, yabaphatha kabi okhokho, yabaphoqelela ukuba bantshinge izingane zabo ezisand' ukuzalwa ukuze zife.

20Uzalwe ngalesosikhathi uMose, ingane eyayiyinhle ithandeka kuNkulunkulu. UMose wondliwa izinyanga izintathu kwabo,

21wayesentshingwa. Indodakazi kaFaro yamthola yazikhulisela yena waba yindodana yayo.

22Wagogoda uMose kuyo yonke inhlakanipho yamaGibhithe, amazwi akhe ayenesisindo, nemisebenzi yakhe incomeka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23“Lapho eseqede iminyaka engamashumi amane ubudala, kwafika enhliziyweni
yakhe ukuba akayobona inhlalo yabakubo bakwaIsrayeli.

24Welamela omunye wabo egcwelezwa, wayesemlamulela waphindisa
ngokubulala umGibhithe.

25Wayethemba ethi abantu bakubo bazobona ukuthi uNkulunkulu uhlose
ukubahlenga ngaye, kodwa kabakuqondanga lokho.

26Ngakusasa wafike welamela amaIsrayeli amabili elwa odwa, wazama
ukuwalamula wathi: ‘Nina niyazalana, yini niphathane kabi na? ’

27Lona owayesukele omunye wachiliza uMose wathi: ‘Ngubani osekubeke umbusi
nomahluleli phezu kwethu na?

28Usufuna ukungibulala nami njengoba ubulele umGibhithe izolo na? ’

29UMose wakuzwa lokho, wabaleka washaya wachitha. Waye watholwa
kwaMidiyane wafike wahlala khona. Kulapho azala khona amadodana amabili.

30“Kuthe sekudlule iminyaka engamashumi amane wabona umbono esehlane
eduze nentaba iSinayi. Kwakusha ihlozi lameva okwabonakala kulo ingilosi
iyilangabi lomlilo.

31Lombono wammangalisa uMose, wasondela eduzane ukuba abone kahle.
Kwezwakala izwi leNkosi lithi:

32‘Mina nginguNkulunkulu wokhokho bakho, uNkulunkulu ka-Abhrahama
noIsaka noJakobe.’ UMose wethuka wathuthumela, akabe esabheka nakubheka
ngakhona.

33Kodwa iNkosi yathi kuye: ‘Khumula izimbadada, ngoba lendawo omi kuyo
ingcwele.

34Ngikubonile ukuhlushwa kwabantu bami kwelaseGibhithe, ngakuzwa
nokububula kwabo, ngehlile ukuba ngibahlenge. Woza ngikuthume eGibhithe! ’

35“UMose lowo ababemphika bethi: ‘Ngubani osekubeke umbusi nomahluleli na? ’
— nguye lona owathunyelwa nguNkulunkulu ukuba abe ngumbusi nomhlengi
ngesandla sengilosi eyabonakala kuye isehlozini.

36Nguye owabakhipha kwelaseGibhithe, wenza izimangaliso nezibonakaliso
eGibhithe nasoLwandle oluBomvu kanye nasehlane iminyaka engamashumi
amane.

37Nguye futhi uMose owathi kwabakwaIsrayeli: ‘UMvelinqangi uyonithumela
umphrofethi onjengami oyovela phakathi kwesizwe sakini.’

38Nguye-ke lona owayekhona ebandleni lamaIsrayeli ehlane. Wayekanye
nengilosi eyayikhuluma naye entabeni eSinayi ekanye nokhokho futhi. Wemukela
amazwi aphilisayo ukuba awadlulisele kithi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

39“Kepha okhokho benqaba ukumlalela, bamchilizela eceleni. Ezinhliziyweni zabo
babuyela kwelaseGibhithe,
40lapho bethi kuAroni: ‘Sibumbele onkulunkulu abazohamba phambi kwethu!
Phela naloMose owasikhipha eGibhithe asazi ukuthi waphelelaphi! ’
41Kuleyomihla babumba isithombe sethole. Base bethula iminikelo kulomphuhle
wesithixo, bagida bethokozela okungumsebenzi wezandla zabo.
42UNkulunkulu wabafulathela, wabaduba ukuba bakhulekele amabandla
ezinkanyezi zesibhakabhaka, njengoba kushiwo embhalweni ongcwele
wabaphrofethi kuthiwa: “ ‘Nina bendlu kaIsrayeli, naniyethula kimi yini iminikelo
nemihlatshelo nisehlane iminyaka engamashumi amane na?
43Phinde! Nanithwele idokodo likaMolokhi nenkanyezi yesithixo senu uRefani,
imiphuhle enayibumba nce nikhuleke kuyo. Ngakhoke ngonidingisela ngale
kwaseBhabhiloni.’
44“Ngenkathi okhokho besehlane babenedokodo elingubufakazi bokuthi
uNkulunkulu uphakathi kwabo. Lalinjengalokhu uNkulunkulu ayeyale uMose,
linjengomfanekiso ayewubonile.
45Kamuva, okhokho bemukela lelodokodo koyise, bangena nalo beliphethe
kulelizwe beholwa nguJoshwa ngesikhathi benqoba izizwe ezachithwa
nguNkulunkulu, bedla izwe lazo. Idokodo lahlala kulelizwe kwaze kwaba
yisikhathi senkosi uDavide.
46Wathakaselwa nguNkulunkulu wacela ukwakhela uNkulunkulu kaJakobe
ikhaya.
47Kepha owakha leyondlu kaNkulunkulu kwaba nguSolomoni.
48“Kepha oPhezukonke akahlali ezindlini ezakhiwe ngezandla zabantu, njengoba
esho umphrofethi ethi:
49“ ‘USimakade uthi: Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo
sezinyawo zami. Yindlu enjani eningangakhela yona na? Iphi indawo yami
yokuphumula na?
50Akuzandla zami ezabumba konke lokhu na? ’ ”
51UStefano waqhubeka wathi: “Ninamakhanda alukhuni nina! Ninezinhliziyo
ezingathobiyo, ningondlebekazizwa abangamlaleli uNkulunkulu! Nilokhu
nimelana noMoya oyiNgcwele njengokhokho benu enibafuze anabashiya.
52Wake wakhona yini umphrofethi abangamhluphanga okhokho benu na?
Bababulala labo ababebikezela ngokufika koLungileyo, esenimchilizele ezitheni
nambulala,
53nina enanikwa umthetho kaNkulunkulu ngesandla sezingilosi, nadlula
nangawugcina.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UStefano ukhandwa ngamatshe

54Kwathi ukuba abomkhandlu bakuzwe lokhu, bagaya izibozi, bamthukuthelela
baze badla imihlathi.

55Kodwa uStefano wagqolozela phezulu ezulwini egcwele uMoya oyiNgcwele,
wabona inkazimulo kaNkulunkulu, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

56Wathi: “Ngibona izulu livuliwe neNdodana yesintu imi ngakwesokunene
sikaNkulunkulu.”

57Bakliwula ngelikhulu, bavimba izindlebe, basuka bamthelekela kanyekanye.

58Bamthatha bamkhiphela ngaphandle komuzi, bafike bamkhanda ngamatshe.
Ofakazi babeka izingubo zabo phambi kwensizwa okuthiwa nguSawuli ukuba
ibagcinele zona.

59Besamkhanda ngamatshe uStefano, wakhuleka wathi: “Nkosi Jesu, yamukela
umoya wami! ”

60Waguqa ngamadolo, wamemeza wathi: “Nkosi, ungasibaleli kubo lesisono! ”
Wakusho lokhu qede walala okokugcina.

ImiSebenzi 8

1NoSawuli wayevumelana nalesisenzo sabo sokumbulala.

USawuli uzingela ibandla leNkosi

Kusukela ngalolosuku ibandla laseJerusalema laphathwa ngonya. Bonke
abakholwa kuJesu bahlakazekela kulo lonke elaseJudiya nelaseSamariya, kwasala
abaphostoli kuphela.

2Amadoda athile ayesaba uNkulunkulu amngcwaba uStefano, kwaba nesililo
esikhulu.

3Kepha uSawuli walenzakalisa ibandla ethi ulibhuqa nya. Wayebangenela izindlu
ngezindlu ahudule abesilisa nabesifazane abagqume ejele.

Indaba emnandi ishunyayelwa eSamariya

4Labo abachitheka bebaleka babehamba belishumayela izwi likaNkulunkulu.

5UFiliphu owayeyigosa ebandleni wehlela emzini waseSamariya, wafike
washumayeza abantu ngoMesiya.

6Izindimbane zabantu zakwemukela ngamoya munye akushoyo, lapho zimuzwa
zibona nezimangaliso azenzayo.

7Kwakhishwa imimoya engcolileyo kwabaningi, iphuma iklabalasa; kwaphiliswa
nabaningi abafe uhlangothi nabayizishosha.

8Abantu bomuzi waseSamariya bathokoza kakhulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Kwakunendoda ethile kulowomuzi ithiwa nguSimoni. Kwase kunesithutshana
yenza imigilingwane bathatheke abantu baseSamariya, izenza mkhulu.

10Yayinewozawoza kubantu bonke, abantukazana nezikhulu. Babethi: “Nguye
lomuntu owaziwa ngokuthi ‘nguMandla amakhulu kaNkulunkulu’.”

11Babenamathela kuye balalele akushoyo, ngoba kwase kunesikhathi eside
bethathekile yimigilingwane yakhe.

12Kuthe ngokufika kukaFiliphu eshumayela indaba ethokozisayo elanda
ngombuso kaNkulunkulu nangegama likaJesu Kristu, bakholwa babhabhadiswa,
abesilisa nabesifazane.

13NoSimonindini wakholwa, okuthe esebhabhadisiwe wanamathela kuFiliphu,
emangaliswa yizibonakaliso nezimanga ezinkulu ayezibona zenzeka.

14Abaphostoli baseJerusalema bezwa ukuthi amaSamariya alemukele izwi
likaNkulunkulu, bathumela uPhetro noJohane kuwo.

15Bafike bakhuleka bewacelela uMoya oyiNgcwele.

16Phela wawungakehleli nakoyedwa kuwo kodwa ayebhabhadiswe ngegama
leNkosi uJesu kuphela.

17Bawabeka izandla, ayesephiwa uMoya oyiNgcwele.

18USimoni waphawula ukuthi ngokubekwa izandla zabaphostoli amakholwa
amukeliswa uMoya oyiNgcwele. Wayesebavezela imali

19wathi: “Nginikeni nami lawamandla okuba lowo engiyombeka izandla amukele
uMoya oyiNgcwele! ”

20Kodwa uPhetro wamphendula wathi: “Hamba ufe nemali yakho uma ucabanga
ukuthi isipho sikaNkulunkulu singathengwa ngemali.

21Awunasabelo nafa kulomsebenzi wethu, ngoba inhliziyo yakho imbi, ayilungile
phambi kukaNkulunkulu.

22Phenduka kulobububi ucele eNkosini, hleze kungenzeka ithethelele lomcabango
wenhliziyo yakho.

23Ngiyakubona uneso elibi lomona, uyisigqila sokonakala.”

24USimoni wazikhalela wathi: “Nginxuseleni eNkosini ukuba ngingehlelwa lutho
lwalezizinto esenizishilo.”

25OPhetro noJohane bafakaza bashumayela izwi leNkosi qede, babuyela
eJerusalema. Babehamba beshumayela indaba ethokozisayo emizaneni eminingi
eSamariya.

UFiliphu nesiphakanyiswa saseThophiya

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Ingilosi yeNkosi yasho kuFiliphu igosa ebandleni yathi: “Lunga uye ngaseningizimu , uhambe ngomgwaqo osuka eJerusalema wehlele emzini waseGaza, lomgwaqo odabula ehlane! ”

27UFiliphu walungela indlela wahamba. Wabona indoda yaseThophiya ihamba ngendlela. Yabe iyisiphakanyiswa esasinegama yengamele umnyango wezimali embusweni wendlovukazi uKhandase waseThophiya.

28Lendoda yayisigoduka, kade ikhonza ethempelini eJerusalema. Yayigibele ekalishini layo, ihlezi ifunda umbhalo ongcwele kumphrofethi uIsaya.

29UMoya oyiNgcwele wathi kuFiliphu: “Sondela ulinganisane nalelikalishi! ”

30UFiliphu wagijima waya kulo, wafike wayizwa ifunda encwadini yomphrofethi uIsaya. Wayeseyibuza ethi: “Uyakuzwa nje lokhu okufundayo na? ”

31Yaphendula yathi: “Uthi ngingakuzwa kanjani uma kungekho ongichazelayo na? ” Yayisicela uFiliphu ukuba ahlalisane nayo ekalishini.

32Uhlamvu lombhalo ongcwele eyayilufunda lwaluthi: “Yasondezelwa ukuhlatshwa njengemvu; kuhle kwewundlu lingakhali lapho ligundwa ayizange ithi vu nakanye.

33Yacindezelwa, yahlulelwa ngokungemthetho. Ngubani ongasikhomba isizukulwane sayo? Yanqunywa yasuswa kwelabaphilayo.”

34Isiphakanyiswa sase sithi kuFiliphu: “Ake ngibuze! Ngubani lona akhuluma ngaye umphrofethi? Uzisho yena uqobo lwakhe noma ukhuluma ngomunye na? ”

35UFiliphu wayeseqala ukuyichazela indoda. Wasusela kuloluhlamvu lombhalo, wayitshela indaba emnandi elanda ngoJesu.

36Besahamba ngendlela bafika endaweni enamanzi. Isiphakanyiswa sase sithi: “Nanka amanzi! Kungavimbani ukuba ngibhabhadiswe na? ” [37UFiliphu waphendula wathi: “Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungabhabhadiswa.” Indoda yaphendula yathi: “Impela, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaMvelinqangi.”]

38Yamisa ikalishi, behla noFiliphu, bangena emanzini, wayeseyibhabhadisa.

39Bathi bephuma nje emanzini uMoya weNkosi wamhlwitha uFiliphu, wemuka naye isidumo. Isiphakanyiswa asiphindanga simbone, kepha saqhubeka nohambo lwaso sithokoza.

40UFiliphu wethuka esesemzini waseAshdodi. Wayesehamba edabula izigodi ngezigodi eshumayela indaba emnandi waze wafika emzini waseKhesariya.

ImiSebenzi 9

Ukuphenduka kukaSawuli

(imiSeb 22:6-16; 26:12-18)

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]USawuli wayesaqhuba usongo lwakhe lokubulala abakholwa eNkosini uJesu. Waya kumphristi omkhulu,

[2]wacela kuye izincwadi azoziyisa emasinagogeni eDamaseku ukuba zimgunyaze, kuthi uma ethola abakholwayo, abesilisa nabesifazane, ababophe abalethe eJerusalema.

[3]Wayesendleleni esesondela eDamaseku okuthe engazelele wahaqwa ngukukhanya kuvela ezulwini, kwakhanya nxazonke eduze kwakhe.

[4]Washayeka phansi, wezwa izwi lithi kuye: “Sawuli, Sawuli! Ungizingelelani na? ”

[5]Wabuza wathi: “Ungubani wena Nkosi na? ” Yaphendula yathi: “NginguJesu omzingelayo!

[6]Sukuma uye emzini! Kulapho-ke wofike utshelwe khona ozokwenza.”

[7]Amadoda ayehamba noSawuli ayemi ekhungathekile engenamlomo. Ezwa izwi nje likhuluma, kepha engaboni muntu.

[8]USawuli wasukuma, wathi uyabheka wandwaza amehlo nje, engaboni lutho. Base bembamba ngengalo, bamhola bamusa eDamaseku.

[9]Waba yimpumputhe izinsuku ezintathu, engadli lutho engaphuzi lutho.

[10]EDamaseku kwakukhona ikholwa okuthiwa nguHananiya. INkosi yafika kulo ngombono yathi: “Hananiya! ” Wasabela wathi: “Nkosi! ”

[11]Yayisithi kuye: “Lungela ukuhamba uye endlini kaJudasi emgwaqweni okuthiwa ngumGwaqo oQondileyo, ufike ufune indoda yaseThasu okuthiwa nguSawuli. Uzoyifica ikhuleka.

[12]Ibonile ngombono kungena umuntu okuthiwa nguHananiya ofike wayibeka izandla ukuba ibuye ibone.”

[13]UHananiya waphendula wathi: “Nkosi, baningi asebengitshelile ngalendoda nangakho konke okubi ekwenze kwabangcwele bakho eJerusalema.

[14]Isilapha ngegunya elithole ezikhulwini zabaphristi ukuba ibophe bonke ababiza igama lakho.”

[15]INkosi yathi kuye: “Hamba, ngoba ngimkhethile lowo ukuba abe ngumlomo wami, igama lami laziwe ngabezizwe namakhosi ngisho nabakwaIsrayeli.

[16]Ngiyomkhombisa konke okufanele ahlushwe ngakho ngoba engowami.”

[17]Nebala uHananiya wanikela khona, wangena endlini wambeka izandla uSawuli, wathi: “Sawuli mfowethu! Ingithumile iNkosi, uJesu lowo owabonakala kuwe endleleni mhla uza lapha. Ingithumele ukuba ubuye ubone, ugcwale uMoya oyiNgcwele.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Masinyane kwawohloka okusankwethu emehlweni kaSawuli, wabuye wabona. Wabhabhadiswa khona lapho;

19kwathi ukuba adle kwabuya amandla.

USawuli ushumayela eDamaseku

USawuli wathi gozololo izinsukwana namakholwa eDamaseku.

20Waqala khona lapho washumayela ngoJesu emasinagogeni ethi uyiNdodana kaNkulunkulu.

21Bamuzwa bamangala bonke bathi: “Akuyena lona obekade efuna ukwenzakalisa laba ababiza leligama eJerusalema na? Akalapha nje ngoba ehlose ukubabopha abaphindisele emuva ezikhulwini zabaphristi na? ”

22Kepha zaya ngokuqina izintshumayelo zikaSawuli, wawadida amaJuda eDamaseku, ekhombisa ngokusobala ukuthi uJesu unguMesiya.

USawuli uphunyula emaJudeni

23Kuthe kungadlula izinsuku eziningi amaJuda enza ugobe lokumbulala,

24kepha wabikelwa ngaloluzungu lwawo. Aqapha amasango omuzi imini nobusuku, esophe ukumbulala.

25Kepha abalandeli bakhe bamthatha ebusuku, bamkhipha ngentunja ogangeni lomuzi, bamehlisela ngaphandle ngesilulu.

USawuli useJerusalema

26Waya eJerusalema, wazama ukuzihlanganisa nabakholwayo. Kodwa bamesaba bonke, bengamkholwa ukuthi usengumlandeli kaJesu.

27UBhanabhasi wamzwela nokho, wamusa kubaphostoli. Wabalandisa ngokuthi uSawuli ubone iNkosi uJesu ehamba ngendlela, yakhuluma naye. Wabuye wabalandisa nangesibindi sakhe lapho eshumayela eDamaseku egameni likaJesu.

28USawuli wahlala eJerusalema ephuma engena imizi yabakholwayo, eshumayela ngesibindi egameni leNkosi uJesu.

29Wayekhuluma eqagulisana namaJuda akhuluma isiGriki, aze alinga ukumbulala.

30Kwathi ukuba abazalwane bakuzwe lokho, bamusa emzini waseKhesariya, base bemdlulisela kowaseThasu.

31Ibandla leNkosi lase lihlala ngokuthula kulo lonke elaseJudiya nelaseGalile nelaseSamariya. Lalikhonza iNkosi ngokuyesaba, laqhubeka lakheka. UMoya oyiNgcwele walikhusela lase lichuma landa.

Ukuphiliswa kukaEniyase

32UPhetro waguduza izindawo ngezindawo waze wafika nakwabangcwele bomuzi waseLida.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33Wafica lapho umuntu okuthiwa nguEniyase owayefe uhlangothi, eselale phansi iminyaka eyisiphohlongo.

34UPhetro wathi kuye: “Eniyase! UJesu Kristu uyakuphilisa. Sukuma wendlule ucansi lwakho! ” UEniyase wasukuma khona lapho.

35Bonke abantu baseLida naseSharoni bambona, base bephenduka bekholwa eNkosini.

UDokhasi uvuswa ekufeni

36Emzini waseJopha kwakukhona owesifazane okholwayo okuthiwa nguThabitha (ngesiGriki kuthiwa nguDokhasi okusho ukuthi yimbabala). Wayekhuthalele ukwenza okuhle nokusiza abampofu.

37Kulezonsuku wagula, wagcina ngokufa. Isidumbu sakhe sagezwa, sabekwa endlini ephezulu.

38Kuthe abakholwayo baseJopha bangezwa ukuthi uPhetro usemzini waseLida owakhelene nowaseJopha, bathumela amadoda amabili bamcela bathi: “Phuthuma uze lapha kithi! ”

39UPhetro walunga, wayesehamba nawo. Wafika base bemkhuphulela endlini ephezulu. Abafelokazi bonke bamngunga bekhala. Bamkhombisa izambatho nezingubo ezazithungwe nguDokhasi esaphila.

40UPhetro wathi mabaphumele phandle bonke, waguqa ngamadolo wathandaza. Wabheka ngasesidunjini wathi: “Thabitha, vuka! ” UDokhasi waqwebula amehlo, wabona uPhetro, wavuka wahlala.

41Umphostoli wambamba ngesandla wamsukumisa, wabiza abangcwele nabafelokazi, wammisa phambi kwabo esephila.

42Lendaba yezwakala kuwo wonke umuzi waseJopha, abantu abaningi bakholwa eNkosini.

43UPhetro wahlala izinsuku eziningi eJopha, ekwamshuki wezikhumba okuthiwa nguSimoni.

ImiSebenzi 10

UPhetro noKhoneliyase

1Emzini waseKhesariya kwakwakhe indoda okuthiwa nguKhoneliyase. Wayeyinduna yebutho lempi yamaRoma elalibizwa ngokuthi yiButho lamaNtaliyane.

2Wayengumuntu okholwayo owesaba uNkulunkulu, umuzi wakhe wonke ukholwa. Wayesiza kakhulu izimpofana zamaJuda ephana, ekhuleka njalo kuNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Langathize ngezikhathi zehora lesithathu ntambama wafikelwa ngumbono, wamkhanyela wathi bha. Wabona ingilosi kaNkulunkulu imngenela endlini ithi: “Khoneliyase! ”

4Wayigqolozela ethukile, wayibuza wathi: “Nkosi, kwenze njani na? ” Ingilosi yathi kuye: “Imikhuleko yakho izwakele kuNkulunkulu, nokupha kwakho izimpofana kuyatuseka kuye.

5Ngakhoke thumela amadoda eJopha, ayobiza umuntu onguSimoni okuthiwa nguPhetro.

6Ungenise kwamshuki wezikhumba okuthiwa nguSimoni owakhe ngasolwandle.”

7Kuthe isihambile ingilosi ekade ikhuluma naye, wabiza izikhonzi zakhe ezimbili kanye nelinye lamabutho ayeyizinceku zakhe, indoda eyayikhuthalele inkolo.

8Wabalandisa konke okwenzekileyo, wabathumela eJopha.

9Kuthe ngakusasa besendleleni kodwa sebekudebuduze nomuzi, uPhetro wenyukela ophahleni lwendlu eyokhuleka, kusemini enkulu.

10Wezwa elambela ukudla. Kuthe besamlungisela wathathwa yisiyezi,

11lapho abona khona izulu livuleka, kwehla indwangu enkulu ibanjwe ngamachopho omane yathi cababa emhlabeni.

12Kwakukhona kuyo zonke izinhlobo zezilwane ezimasondo mane, nezihuqazelayo nalezo ezindiza emkhathini.

13Kwezwakala izwi lithi kuye: “Phetro, hlaba udle! ”

14Kepha uPhetro wathi: “Phinde Nkosi! Angikaze ngidle lutho okuthiwa lungamanyala nokungcolisayo.”

15Izwi labuye lwezwakala lithi: “Ungalokothi ukubize ngokuthi kungcolile lokho uNkulunkulu athi kuhlanzekile! ”

16Kwenzeka lokhu kathathu, indwangu yayisikhushulelwa ezulwini.

17Amadoda ayethunyelwe nguKhoneliyase ayehamba ebuza indlela eya kwamshuki uSimoni. Kwathi uPhetro esakhungathekile ukuthi kazi lombono usho ukuthini, ayesekhuleka esangweni.

18Amemeza abuza ukuthi ukhona yini umuntu ongenisile lapho, uSimoni okuthiwa nguPhetro.

19UPhetro esazindla ngombono, wezwa uMoya oyiNgcwele uthi kuye: “Kukhona amadoda amathathu akufunayo.

20Zilungisele, wehle uhambe nawo unganqikazi, ngoba athunywe yimi! ”

21UPhetro wehlela emadodeni, wafike wathi: “Yimina uPhetro enimfunayo; ningibabele ngani? ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Amphendula athi: “Sithunywe yinduna yamabutho uKhoneliyase. Uyindoda eqotho emesabayo uNkulunkulu; utuswa yisizwe sonke samaJuda. Ingilosi engcwele yamtshela ukuba akumeme uze kwakhe ukuze azizwele amazwi omlomo wakho.”

23Wayesewamema ukuba angenise ngalobobusuku. Kwasa qede walunga wahamba nawo, ephelezelwa ngabazalwane abathile baseJopha.

24Bafika ngomhlomunye eKhesariya. UKhoneliyase wayebalindele, esememe nezihlobo nabangane bakhe abakhulu.

25Kwathi lapho uPhetro esezongena endlini, uKhoneliyase wamhlangabeza wazijwiba phambi kwakhe wakhuleka.

26Kepha uPhetro wamsukumisa wathi: “Phakama! Ngingumuntu njengawe.”

27Bangena endlini bexoxa. UPhetro wafica abantu sebebuthene bebaningi.

28Wathi kubo: “Niyazi ukuthi umthetho wakithi awumvumeli umJuda ukuba adlelane kumbe ahambelane nabezizwe. Kodwa uNkulunkulu usengikhombisile ukuthi akufanele ngithi umuntu ungcolile akahlanzekile.

29Ngakhoke angenqabanga lapho ngibizwa. Ngiyabuza-ke ukuthi ningibiza nje kwenze njani? ”

30UKhoneliyase wayesethi: “Kuthangi bengikhuleka lapha ngazo lezizikhathi ngehora lesithathu ntambama. Ngase ngibona indoda imi phambi kwami, yevathe ezikhazimulayo.

31Yathi: ‘Khoneliyase! UNkulunkulu usewuzwile umkhuleko wakho; akayikhohliwe neminikelo yakho kwabampofu.

32Thumela eJopha ubize uSimoni okuthiwa nguPhetro! Ungenise kwaSimoni umshuki owakhe ngasolwandle.’

33Ngithumele kuwe ngaso lesosikhathi ngathi awulandwe; wenze kahle weza. Sesilapha sonke phambi kobuso bukaNkulunkulu ukuba sizwe konke iNkosi ekuyale ngakho.”

UPhetro ushumayela kwaKhoneliyase

34UPhetro wayesethi: “Impela sengiyabona ukuthi uNkulunkulu akabandlululi.

35Nobani omesabayo enza okulungileyo uyemukeleka kuye, noma engowasizwe sini.

36Niyalazi izwi alithumela kwabakwaIsrayeli, ememezela ngalo indaba ejabulisayo yokuthula okufika ngoJesu Kristu iNkosi yabo bonke.

37Niyakwazi okwakwenzeka, kwaqala kwelaseGalile kwaqhubekela kulo elamaJuda, uJohane eseshumayeze abantu babhabhadiswa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

38Niyazi ukuthi uNkulunkulu wamgcoba uJesu waseNazaretha, wamupha amandla
oMoya oyiNgcwele, wamenza uMesiya. UNkulunkulu wayenaye, ngakhoke
wayehamba enza okuhle yonke indawo, ephilisa bonke ababegqilazwa
nguSathane.

39Thina singofakazi bakho konke ayekwenza ezweni lamaJuda kanye
naseJerusalema. Bambulala ngokumlengisa esigxotsheni.

40Kodwa uMvelinqangi wamvusa ngosuku lwesithathu, wakuhlela ukuba
azibonakalise ephila.

41Akusibo bonke abambonayo, kepha wabonakala kithi kuphela esasingofakazi
ababevele bekhethwe nguMvelinqangi. Sadla saphuza naye emuva kokuvuka
kwakhe kwabafileyo.

42Wasithuma ukushumayeza abantu, simfakazele ukuthi nguye owabekwa
nguMvelinqangi waba ngumahluleli wabaphilayo nabafileyo.

43Bafakaza ngaye bonke abaphrofethi, bathi nobani okholwa kuye uyothethelelwa
izono ngenxa yegama lakhe."

Abezizwe baphiwa uMoya oyiNgcwele

44Kwathi uPhetro esakhuluma, uMoya oyiNgcwele wabehlela bonke ababemlalele.

45Amakholwa angamaJuda ayephelekezela uPhetro kwawamangalisa kabi ukuthi
kanti nabezizwe baphiwa uMoya oyiNgcwele.

46Abezwa bekhuluma ngezilimi, bebabaza uNkulunkulu. UPhetro wathi:

47"Nalaba baphiwe uMoya oyiNgcwele njengathi. Pho ukhona yini ongenqaba
ukuba babhabhadiswe ngamanzi na? "

48Wayesethi ababhabhadiswe ngegama likaJesu Kristu. Bamcela ukuba athi
gozololo nabo izinsukwana.

ImiSebenzi 11

UPhetro ubikela ibandla laseJerusalema

1Abaphostoli nabazalwane kwelaseJudiya bezwa ukuthi sekukhona nabezizwe
asebelemukele izwi likaNkulunkulu bakholwa.

2UPhetro wenyukela eJerusalema, wafike wasolwa ngabazalwane ababebelesela
umkhuba wokusoka.

3Bathi kuye: "Uhambele amakhaya abangasokile, waze wadla nabo."

4Ngakhoke uPhetro wabalandisa ukusuka nokuhlala wathi:

5"Ngangikhuleka ngisemzini waseJopha. Ngathathwa yisiyezi ngabona umbono,
kwehla ezulwini into esandwangu enkulu ibanjwe ngamachopho omane iza kimi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Ngayibhekisisa kahle, ngabona izilwane ezifuywayo nezasendle nezihuquzelayo nezinyoni.

7Ngezwa futhi izwi lithi kimi: ‘Nakho-ke Phetro, hlaba udle! ’

8Kepha ngathi: ‘Phinde Nkosi! Angikaze ngidle lutho olungamanyala nokungcolisayo.’

9Izwi lezwakala ngokwesibili, livela ezulwini lithi: ‘Ungalokothi ukubize ngokuthi kungcolile lokho uNkulunkulu athi kuhlanzekile! ’

10Kwenzeka lokhu kathathu, kwase kukhushulelwa ezulwini konke.

11Khona manjalo ngabona sekutheleka amadoda amathathu ethunyelwe kimi evela eKhesariya, afike ema phambi kwendlu esasikuyo.

12UMoya oyiNgcwele wathi kimi mangihambe nawo nginganqikazi. Abazalwane laba abayisithupha bangiphelekezela, safike sangena emzini walomuntu obathumile.

13Wasilandisa ukuthi ubone ingilosi imi endlini yakhe ithi kuye: ‘Thumela eJopha ubize uSimoni okuthiwa nguPhetro!

14Kukhona ayokutshela khona usindiswe ngakho, wena nomuzi wakho! ’

15Ngathi ngisaqala ukukhuluma, uMoya oyiNgcwele wehlela kubo njengalokhu kwenzeka nakithi ekuqaleni.

16Ngase ngikhumbula amagama eNkosi uJesu athi: ‘UJohane wayebhabhadisa ngamanzi, kodwa nina niyobhabhadiswa ngoMoya oyiNgcwele.’

17Kusobala ukuthi uNkulunkulu ubaphile nabo lesisipho esasiphiwa mhla sikholwa eNkosini uJesu Kristu. Pho uma kunjalo, bengiwubani-ke mina ukuba ngivimbele uNkulunkulu? ”

18Kwathi bangakuzwa lokhu badela, badumisa uNkulunkulu bathi: “Kanti uNkulunkulu usenikeze nabezizwe ithuba lokuphendukela ekuphileni.”

Ibandla laseAntiyokhi

19Manje labo abahlakazeka nezwe ngenxa yokuhlushwa emveni kokufa kukaStefano, bahamba njalo baze bayoshaya kwelaseFenisiya nasesiqhingini saseSayiphro nasemzini waseAntiyokhi. Babebandlulula, izwi belishumayeza amaJuda kuphela.

20Kodwa kwasuka abathile babo ababevela eSayiphro naseSayirene, base beya eAntiyokhi, bafike bashumayeza nabezizwe, bebatshela indaba ethokozisayo elanda ngeNkosi uJesu.

21INkosi yabalekelela, izihlwele zaphendukela eNkosini uJesu.

22Lendaba yezwakala ebandleni laseJerusalema, lase lithumela uBhanabhasi eAntiyokhi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Wafike wabona ukusebenza komusa kaNkulunkulu, wajabula wabakhuthaza bonke ukuba babambelele eNkosini, bazinikele ngenhliziyo yonke.

24Wayeyindoda elungileyo nekholwayo, egcwele uMoya oyiNgcwele, nabantu abaningi basiwa eNkosini bakholwa.

25UBhanabhasi waya emzini waseThasu eyofuna uSawuli.

26Kuthe angamthola wamusa eAntiyokhi. Bafike basebenza ndawonye ebandleni kwaze kwaphela unyaka, befundisa abantu abaningi. Kwaqala eAntiyokhi ukuba amakholwa abizwe ngokuthi angamaKristu.

27Akubanga nsuku ngaki kwasuka abaphrofethi eJerusalema behlela eAntiyokhi.

28Omunye wabo okuthiwa nguAgabho waqhutshwa nguMoya oyiNgcwele wafike wabikezela ukuthi kuzoba khona indlala enkulu emhlabeni wonke. Nempela yafika kubusa ingonyama uKlawudiyu.

29Abazalwane baseAntiyokhi base benquma ukuba yilowo nalowo akhiphe ngangokubusiseka kwakhe, kusizwe abazalwane baseJudiya.

30Bakwenza lokhu, lesisipho basithumela kwabaphethe ebandleni, sathunyelwa ngesandla sikaBhanabhasi noSawuli.

ImiSebenzi 12

Ukubulawa kukaJakobe nokuboshwa kukaPhetro

1Ngaleyonkathi inkosi uHerodi yaqala ukuhlupha abathile bebandla.

2Yabulala uJakobe umfowabo kaJohane ngenkemba.

3Lapho ibona ukuthi lokho kuwathokozisile amaJuda, yaqhubeka yabopha noPhetro. Kwakungomkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo.

4Yambopha yamvalela ejele, yamethula ezandleni zezigejane ezine zamabutho ukuba zimaluse, leso naleso sinamabutho amane. Yayiqonde ukummisa esigcawini ngemuva komkhosi wePhasika imethwese icala phambi kwabantu.

5UPhetro wagcinwa-ke ejele, kodwa ibandla lakhuleka ngesineke limcelela kuNkulunkulu.

UPhetro ukhululwa ejele

6Kuthe ngabo lobobusuku kuzosa uHerodi amlethe esigcawini, uPhetro walala wazumeka ephahlwe ngamabutho amabili, eboshwe ngamaketango amabili. Ogqayinyanga babeqaphe emasangweni ejele.

7Kwaqhamuka ingilosi yeNkosi khona lapho, kwakhanya nge ejele. Yaqhukuluza uPhetro ohlangothini, yamvusa yathi: “Phakama! Sheshisa! ” Amaketango ayeseziwela ezandleni zakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Ingilosi yathi kuye: “Bhinca, ufake izimbadada! ” Walalela, yayisithi kuye: “Yembatha ingubo, ungilandele! ”

9Waphuma wayilandela, kepha wayengazi ukuthi okwenziwa yingilosi kungokwempela; wayethi uyaphupha nje.

10Badlula kogqayinyanga abangasekuqaleni, babuye badlula kwabesibili, base befika esangweni lensimbi eliphumela emzini. Isango lazivulekela ngokwalo. Baphuma badlula umgwaqo waba munye, ingilosi yanyamalala khona lapho.

11UPhetro wasanguluka wathi: “Yima kungikhanyela ngokusobala ukuthi iNkosi ithume ingilosi yayo, yangikhulula ngaphunyula kuHerodi nakukho konke obekufiswa yizihlwele zamaJuda.”

12Kuthe kungamkhanyela lokhu uPhetro, waya kwaMariya, unina kaJohane lowo okuthiwa nguMarko, lapho kwakubuthanele khona abantu abaningi bekhuleka.

13UPhetro wangqongqoza esicabheni sesango. Intombazane eyisisebenzi okuthiwa nguRoda yasuka yayosabela.

14Yanele yalizwa iphimbo likaPhetro yajabula yafa, ayabe isavula nasango lelo, kodwa yagijima yabika endlini ukuthi nangu uPhetro esangweni.

15Bathi kuyo: “Awu suka! Mus' ukuhlanya wena! ” Kodwa yaphikelela yathi impela nguye. Base bethi: “Yingilosi yakhe! ”

16Kepha uPhetro wayebelesele engqongqoza. Bamvulela bambona maqede bamangala.

17UPhetro wabahebeza ngesandla ukuba bathule, wayesebalandisa ukuthi iNkosi uSomandla umkhulule kanjani ejele, wathi: “Nize nibikele oJakobe nabazalwane! ” Wasuka waya kwenye indawo.

18Kwasa qede amabutho ashayana ngamakhanda engaqondi ukuthi ngabe uPhetro wenze njani.

19UHerodi wacinga uPhetro, akaze amthola, wayesephenya ogqayinyanga ngaloludaba, isigcino wathi abathunyelwe kwankatha. Wayesemuka kwelaseJudiya, wehlela emzini waseKhesariya, wafike wahlala khona.

Ukufa kukaHerodi

20UHerodi inkosi wayengxame kakhulu, ethukuthelele abantu baseThire naseSidoni. Ngakhoke baya kuye ngothi lwabo, bafike bangena ngakuBlasto insila yenkosi babulala amagade kuye base bezicelela uxolo enkosini, ngoba phela izwe labo lalondliwa ngezinqolobane zayo.

21Kuthe ngosuku olumisiweyo uHerodi wavunula waconsa waqhwakela esihlalweni sakhe sobukhosi, wakhuluma waqephuza kubantu.

22Zase zimhasha izixuku zathi: “Akusakhulumi yena umuntu, usengunkulunkulu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Ingilosi yeNkosi yamgadla khona lapho ngoba udumo akaludluliselanga kuMvelinqangi. Wadliwa yizilo ngaphakathi waze waphangalala.

UBhanabhasi noSawuli babuyela eAntiyokhi

24Izwi likaNkulunkulu lachuma landa.

25OBhanabhasi noSawuli baphetha umsebenzi wabo eJerusalema bagoduka, bathatha uJohane okuthiwa nguMarko, bahamba naye.

ImiSebenzi 13

UBhanabhasi noSawuli bayakhethwa bathunywe

1Ebandleni eliseAntiyokhi kwakunabaphrofethi nabefundisi. BabengoBhanabhasi noSimiyoni (okuthiwa umfokaMnyama) noLusiyu waseSayirene noManayeni (owakhula kanye noHerodi umbusi) noSawuli.

2Kuthe besenkonzweni bezile ukudla, uMoya oyiNgcwele wathi kubo: “UBhanabhasi noSawuli mabahlukaniselwe umsebenzi engibabizele wona! ”

3Ibandla lase lizila ukudla, bathandazelwa babekwa izandla, badedelwa bahamba.

UBhanabhasi noSawuli bashumayela eSayiphro

4Kwathi lapho uMoya oyiNgcwele usubathumile, behlela emzini waseSelusiya, base besuka ngomkhumbi bawelela esiqhingini saseSayiphro.

5Bafika emzini waseSalamisi, bashumayela izwi likaNkulunkulu emasinagogeni amaJuda. Bathatha noJohane okuthiwa nguMarko, bahamba naye ukuba abasize.

6Badabula kulo lonke elasesiqhingini saseSayiphro, bafika emzini wasePhafo, lapho bafica khona isanusi sendoda. SasinguBhajesu, umJuda owayezenza umphrofethi.

7Wayengumngane omkhulu kalusibalukhulu uSergiyu Pawula, indoda ekhaliphileyo. Ulusibalukhulu wathumela kuBhanabhasi noSawuli, efuna ukuzwa izwi likaNkulunkulu.

8Kepha uElimasi (leligama lisho ukuthi yisanusi) wamelana nabo, efuna ukuphambukisa ulusibalukhulu ukuba angakholwa.

9Kodwa uSawuli owabuye wabizwa ngelikaPawula, wavukwa nguMoya oyiNgcwele wayigqolozela lendodandini,

10wathi kuyo: “Mthakashana, ufuze uyihlo uSathane! Wonakele unenkohliso namaqhinga, uyisitha sakho konke okulungileyo. Koze kube nini uqhubeka nokugwegwisa izindlela eziqondile zeNkosi, uphendukezela iqiniso na?

11Uyabona-ke, uzoshaywa yisandla seNkosi manje nje, ube yimpumputhe, kube yisikhathi ungaboni langa.” Khona lapho kwavele kwaluvindi inkungu emehlweni ayo, kwahlwa emini, yaphuphutheka ifuna ozoyihola ngengalo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Kuthe ukuba ulusibalukhulu abone lesisehlo, wathatheka impela yilokho
akufundiswa ngeNkosi uJesu, waphenduka wakholwa.

UPawula noBhanabhasi baseAntiyokhi lasePhisidiya

13UPawula kanye nababehamba naye basuka ngomkhumbi ePhafo, baya emzini
wasePherge kwelasePhamfiliya. UJohane Marko wafike wabashiya khona,
wabuyela eJerusalema.

14Badlula ePherge, baqhubekela emzini waseAntiyokhi kwelasePhisidiya.
Ngosuku lwesabatha baya esinagogeni, bafike bahlala.

15Kwafundwa encwadini yomthetho kaMose nasemibhalweni yabaphrofethi,
abaphathi besinagoge base bebhekisa isicelo ngakubo bathi: “Bafowethu! Uma
kukhona enifuna ukweluleka ibandla ngakho, sicela ukuba nikusho.”

16UPawula wasukuma, wabahebeza ngesandla ukuba balalele, wathi: “Lalelani
maIsrayeli, kanye nabezizwe abesaba uNkulunkulu!

17UNkulunkulu wesizwe lesi sakwaIsrayeli waqoka okhokho, wabenza isizwe
esikhulu ngenkathi besakhonze kwelaseGibhithe. Waphakamisa ingalo yamandla
wabakhipha lapho,

18wababekezelela ehlane isithuba okungathi singamashumi amane eminyaka.

19Wabhubhisa izizwe eziyisikhombisa ezweni lakwaKhanana, wababela izwe lazo
laba yifa labo.

20Konke lokhu kwathatha isithuba okungathi singamakhulu amane namashumi
ayisihlanu eminyaka. “Wayesebanika abaholi besizwe ababebizwa ngabahluleli,
kwaze kwaba yinkathi yomphrofethi uSamuweli.

21Base bezicelela inkosi, uNkulunkulu wabeka uSawuli umfokaKhishi womndeni
wakwaBhenjamini, waba yinkosi yabo. Wababusa iminyaka engamashumi amane.

22UNkulunkulu wamehlisa esihlalweni, waphakamisa uDavide waba yinkosi yabo.
Wamfakazela wathi: ‘Ngizitholele isilomo sami uDavide umfokaJese. Nguye
oyofeza yonke intando yami.’

23Njengoba uNkulunkulu ayethembisile, wamisa omunye wozalo lukaDavide
waba ngumsindisi wesizwe sakwaIsrayeli. Lowo-ke nguJesu.

24Kuthe engakafiki, uJohane umbhabhadisi washumayeza sonke isizwe
sakwaIsrayeli ukuba siphenduke sibhabhadiswe.

25Kuthe uJohane eseya ngasemaphethelweni omsebenzi wakhe wathi: ‘Nithi
ngingubani ngempela? Angisiye lona enimbhekileyo ukuthi uyeza. Kodwa
kukhona ongilandelayo engingafanele ngisho nokumkhumula izicathulo.’

26“Bafowethu, nina bozalo luka-Abhrahama kanye nabezizwe abesaba
uNkulunkulu! Yithina osekushunyayelwe kubo lensindiso.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Phela abaseJerusalema nezigele zabo kabamazanga ukuthi ungubani uJesu. Bamlahla ngecala, ngalokho bafeza okwashiwo abaphrofethi emibhalweni engcwele efundwa njalo ngesabatha.

28Nanxa bengatholanga sizathu sokuba bamgwebe afe, nokho bacela kuPilatu ukuba abulawe.

29Kuthe sebekufeze konke okushiwo ngaye emibhalweni engcwele, wethulwa esigxotsheni walondolozwa egodini.

30Kodwa uMvelinqangi wamvusa kwabafileyo.

31Wabonakala izinsuku zaze zaba ningi kulabo ababehamba naye besuka eGalile beya eJerusalema. Laba-ke sebeyamfakazela esizweni sakwaIsrayeli.

32Thina sesinishumayeza indaba ethokozisayo yokuthi lokho uNkulunkulu akwethembisa okhokho,

33usekufezele thina esiluzalo lwabo, ngokuvusa uJesu ekufeni. Kulotshiwe ngalendaba kweyamaHubo kwelesibili kwathiwa: “ ‘Wena uyiNdodana yami ngikuzele, nginguYihlo kusukela namhlanje.’

34“UMvelinqangi wavusa uJesu kwabafileyo ukuze angabe esabhubha. Ngalendaba uNkulunkulu wathi: “ ‘Ngiyonifezela izethembiso ezingcwele engazibophayo zingasoze zachithwa, izethembiso engazenza kuDavide.’

35“Ngakhoke lendaba ifakazelwa nangomunye umbhalo othi: “ ‘Awunakuvuma oNgcwele wakho afe bese ebola adliwe yimpethu.’

36“Phela uDavide emihleni yakhe wayifeza intando kaNkulunkulu, wayesephangalala waya kwelabaphansi wadliwa yintuthwane.

37Kodwa lowo owavuswa nguNkulunkulu ekufeni akabolanga wayesedliwa yimpethu.

38Bafowethu! Kuhle nazi ukuthi ngenxa kaJesu senishunyayezwa intethelelo yezono. Ngoba umthetho kaMose wawungasoze wanithetha ngecala,

39kodwa ngenxa kaJesu bonke abakholwayo bathethwa yicala.

40Xwayani ningaze nehlelwe yilokhu okushiwo ngabaphrofethi bethi:

41“ ‘Lalelani nina zedeleli neqiwe uvalo ninyamalale! Ngalemihla yenu ngenza umsebenzi eningasoze neze nawukholwa yize umuntu ethi unitshela ngawo.’ ”

42Ngenkathi kuphunywa esinagogeni, uPawula noBhanabhasi bacelwa ukuba baphinde babuye ngesabatha elilandelayo, bakhulume kubantu ngazo lezondaba.

43Kuthe lapho selihlakazeka ibandla, abantu abaningi bahamba noPawula noBhanabhasi. KwakungamaJuda nabezizwe asebephendukele enkolweni yawo. Abaphostoli bakhuluma kubo, babakhuthaza ukuba bethembele njalo emseni kaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

44Ngesabatha elilandelayo kwabuthana cishe bonke abantu balowomuzi ukuba balalele izwi leNkosi.

45Kuthe lapho amaJuda ebona umshungu wezixuku, ayesebafela umona, aqagulisana noPawula emjivaza.

46UPawula noBhanabhasi base bebatshela ingcaca bethi: “Yinina obekufanele kuqalwe ngani nishunyayezwe izwi likaNkulunkulu. Kodwa ngoba niyalichiliza, nizibona ningakufanele ukuphila okuphakade, siyanishiya-ke sesiya kwabezizwe.

47Ngoba iNkosi isithumile ukushumayela lokho okwashiwo kuMesiya kwathiwa: “ ‘Ngikubeke waba ubhaqa kwabezizwe, ukuba ube ngumsindisi wabantu ngisho nasemaphethelweni omhlaba.’ ”

48Abezizwe bakuzwa lokhu qede bajabula bababaza lendaba emnandi elanda ngeNkosi uJesu, baphenduka bakholwa bonke ababemiselwe ukuphila okuphakade.

49Izwi leNkosi lasakazeka nendawo yonke kulelozwe.

50Kodwa amaJuda agqugquzela abantu, kwavuka isiphithiphithi phakathi kwabesifazane abaziwayo ababemesaba uNkulunkulu naphakathi kwezikhulu zalowomuzi, Abuye adala uchuku, azingela uPawula noBhanabhasi, abachitha kulesosigodi.

51Base bewashiya nesinyama bawathuntuthela uthuli lwezinyawo zabo, baya emzini waseIkhoniyo.

52Amakholwa aseAntiyokhi ayejabule kakhulu egcwele uMoya oyiNgcwele.

ImiSebenzi 14

UPawula noBhanabhasi baseIkhoniyo

1Benze njalo naseIkhoniyo. Bangena esinagogeni lamaJuda, bashumayela kwaze kwakholwa isixuku esikhulu samaJuda nabezizwe.

2Kodwa lawamaJuda ayengakholwa abhebhezela abezizwe, adalela abazalwane ubutha.

3Abaphostoli nokho, bahlala lapho isikhathi eside, beshumayela ngesibindi beyethemba iNkosi uJesu. Yalifakazela izwi layo lomusa, yabapha amandla okwenza izibonakaliso nezimangaliso.

4Abantu balomuzi bahlukana phakathi, abanye bevuna amaJuda, abanye bevuna abaphostoli.

5Abezizwe namaJuda nezigele zawo basusa uthuthuva, behlose ukudumela abaphostoli babakhande ngamatshe.

6Kwathi ukuba kufike ezindlebeni zabo lokhu, babalekela kwelaseLikhoniya, baya emizini yaseListra naseDerbhe nasezindaweni ezakhelene nayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Babehamba beshumayela indaba emnandi.

UPawula noBhanabhasi baseListra

8Emzini waseListra kwakukhona indoda eyisigoga; yayingakaze ihambe, ilokhu yaba yisishosha kwasekuzalweni kwayo.

9Yayilalele ngenkathi uPawula eshumayela. Wayigqolozela, wabona ukuthi inokholo olungayenza iphile,

10washo kakhulu wathi kuyo: “Sukuma ume ngezinyawo! ” Yathi lacu yazihambela.

11Kwathi lapho izixuku zibona okwenziwe nguPawula, zamemeza ngolimi lwakubo isiLikhoniya zathi: “Kwehlele kithi onkulunkulu, banenswebu yabantu.”

12UBhanabhasi zametha ngelikaZewusi , uPawula zambiza ngelikaHerme , nakhu phela kwakuyaye kuqephuze yena.

13Umphristi wethempeli likaZewusi elalingaphandle nje komuzi, wathatha izinkunzi nemigexo yezimbali, wakusa ngasemasangweni, ehlose ukuba yena nezixuku bethule umhlatshelo kubaphostoli.

14Lapho sekubakhanyele oBhanabhasi noPawula okwase kuzokwenzeka, bethuka kabi, baklebhula izingubo zabo, bagijima baqonda phakathi komshungu, bamemeza

15bathi: “Kahleni madoda, senenzani manje? Nathi singabantu phaqa njengani nje, sinishumayeza indaba ethokozisayo yokuthi kufanele niphenduke nishiye lezizithixo eziyize, nize kuMvelinqangi ophilayo owadala izulu nomhlaba nolwandle nakho konke okukukho.

16Enkathini eseyadlula wavumela izizwe zonke ukuba zihambe umathanda.

17Nokho wazivezela ubufakazi bokuthi nguye onenzela izicolo. Unisa izulu nithole imvula yanele, umhlaba uveze nokudla ngesikhathi esifaneleyo, enelise izinhliziyo zenu aniphe ukudla anithokozise.”

18Kwala noma sebekhuluma kanje zacishe zabahlubuka izixuku, zifuna ukwethula umhlatshelo kubo.

19Kwase kufika amaJuda evela emzini waseAntiyokhi kwelasePhisidiya nasemzini waseIkhoniyo. Ayengela izixuku ngakuwo, amkhanda ngamatshe uPawula, amhudulela ngaphandle komuzi ethi ufile.

20Abazalwane bamngunga, wayesevuka esebuyela emzini. Kwasa ngakusasa bahamba noBhanabhasi baya eDerbhe.

21Bayishumayela kulomuzi indaba ethokozisayo ngoJesu, bazuza abantu abaningi baphenduka bakholwa. Abaphostoli babuyela eListra, baya naseIkhoniyo, base bedlulela naseAntiyokhi kwelasePhisidiya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Bafike bakhuthaza abazalwane ukuba baqine ekukholweni, babambelele kukho ngokwethembeka. Bathi kubo kumele sidlule ezinhluphekweni eziningi kandukuba singene embusweni kaNkulunkulu.

23Ebandleni ngalinye babeyaye babeke abaholi abazoliphatha. Bakhuleka bazila ukudla. base bebethula lababaholi eNkosini ukuba ibagcine, leyoNkosi abase bekholwa kuyo.

Babuyela eAntiyokhi kwelaseSiriya

24Badabula kwelasePhisidiya, bafika kwelasePhamfiliya,

25bashumayela izwi leNkosi emzini wasePerge. Base behlela kowaseAthaliya

26lapho basuka khona ngomkhumbi. Baphikelela emzini waseAntiyokhi kwelaseSiriya. Lomuzi kulapho babeqale khona uhambo lwabo, sebethulwe kuNkulunkulu ukuba abagcine, abenzele umusa kulomsebenzi abase bewufezile manje.

27Kuthe sebefikile lapho, bamema ibandla. Balibikela ngakho konke uNkulunkulu akwenze ngesandla sabo, nokuthi uvulele abezizwe ithuba lokuphenduka bakholwe.

28Bahlala lapho isikhathi eside nabazalwane.

ImiSebenzi 15

Umhlangano waseJerusalema

1Kwafika amadoda eAntiyokhi evela eJudiya, afundisa abazalwane athi: “Uma ningasokile ngokomthetho kaMose anisoze nasindiswa.”

2Kwaba khona ukungezwani okukhulu; uPawula noBhanabhasi bewaphikisa kakhulu ngaloludaba. Kwase kunqunywa ukuba uPawula noBhanabhasi kanye nabanye bebandla baye eJerusalema, babonane nabaphostoli nabaphethe ebandleni, kubhungwe ngaloludaba.

3Ibandla labavalelisa badlulela phambili, badabula kwelaseFenisiya nelaseSamariya. Endleleni yabo babeyaye babikele abazalwane ngabezizwe asebephendukile bakholwa, lokhu kubajabulise kakhulu abazalwane bonke.

4Bafika eJerusalema, ibandla nabaphostoli nabaphethe ebandleni babemukela ngesasasa. OPawula babalandisa konke uNkulunkulu akwenze ngesandla sabo.

5Kwasukuma abanye beqembu labafarisi asebephenduke bakholwa, bathi kufanele abezizwe abaphendukayo basoke, bayalwe ukuba bagcine umthetho kaMose.

6Abaphostoli kanye nabaphathi bebandla bahlangana ukuba baluphenye loludaba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Kwakukhulunyiswana kabanzi, kwasukuma uPhetro wathi: “Bafowethu! Nazi kahle ukuthi uNkulunkulu wangikhetha kudala phakathi kwenu ukuba ngishumayeze abezizwe indaba emnandi, bakholwe.

8UNkulunkulu owazi izinhliziyo zabantu waveza ubufakazi bokuthi wamukela nabezizwe, ngoba phela wabapha uMoya oyiNgcwele njengathi.

9Akabandlululanga phakathi kwethu nabo. Bakholwa, wabahlanza izinhliziyo.

10Pho senimqalelani uNkulunkulu ngokwethwesa abazalwane umthwalo owawehlula okhokho kanye nathi ukuwuthwala na?

11Thina-ke siyakholwa ukuthi iNkosi uJesu isisindisa ngomusa njengabo abezizwe.”

12Bathula bonke balalela, uBhanabhansi noPawula base bebalandisa ngezibonakaliso nezimangaliso uNkulunkulu azenze ngesandla sabo kwabezizwe.

13Baqeda ukukhuluma, uJakobe wathatha wathi:

14“Bazalwane, ake nilalele! USimoni usanda kusichazela ukuthi kwasukelaphi ukuba uNkulunkulu aze azikhathaze aziqokele phakathi kwabezizwe isizwe esibizwa ngegama lakhe.

15Lokhu kuvumelana nokulotshwe ngabaphrofethi embhalweni ukuthi:

16“ ‘USimakade uthi: Ngiyobuya, ngivuse umuzi kaDavide osuwile, ngivuselele okubhidlike kuwo, ngiwumise ngiwakhe kabusha.

17Nabanye abantu bayongifuna, bonke abezizwe ababizwa ngegama lami. Kusho uSimakade owakubikezela lokhu,

18kwaziwa phakade kwaphakade.’ ”

19UJakobe waqhubeka wathi: “Mina ngokwami ngithi asingabakhathazi abezizwe abaphendukela kuNkulunkulu.

20Kuphela nje kuhle babhalelwe incwadi, batshelwe ukuthi bangadli kudla okungahlanzekile okuhlatshelwe izithixo, bayeke ubufebe, bangadli gazi lasilwane, bangadli nanyama yasilwane esiqumbeleneyo.

21Ngoba kusukela emandulo kufundiswa kuwo onke amadolobha ngemiyalo kaMose, ifundwa emasinagogeni njalo ngesabatha.”

Incwadi evela emhlanganweni eJerusalema

22Abaphostoli nabaphethe ebandleni nebandla lonke base benquma ukuba kukhethwe amadoda athile phakathi kwabo, athunyelwe eAntiyokhi, ahambe noPawula noBhanabhasi. Bakhetha uJudasi okuthiwa nguBhasabha noSilasi ababehloniphekile kubazalwane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Baphathiswa incwadi elotshwe kanje: “Yamukelani evela kubazalwane benu, thina esingabaphostoli nabaphethe ebandleni. Silobela nina bazalwane eningabezizwe eniseAntiyokhi nakwelaseSiriya nakwelaseSilisiya.

24Sizwile ukuthi kusuke abanye bethu lapha bafike lapho banikhathaza emoyeni ngabakushoyo; kanti-ke besingabathumanga.

25Sinqume ngazwi linye ukuba sikhethe amadoda siwathumele kini, ehamba nabazalwane abathandekayo uBhanabhasi noPawula

26asebadela impilo yabo, besebenzela iNkosi yethu uJesu Kristu.

27Ngakhoke sithumela uJudasi noSilasi abazonethulela esikulobile.

28Siholwe nguMoya oyiNgcwele sanquma ukuba singanethwesi omunye umthwalo ngaphandle kwalokhu okumele nikugcine, sathi:

29Ningadli kudla okuhlatshelwe izithixo, ningadli gazi nanyama yasilwane esiqumbeleneyo, niyeke ubufebe. Uma nixwaye lezizinto niyobe nenze kahle. Salani kahle! ”

30Labo-ke ababethunyiwe behlela eAntiyokhi, bafike babiza ibandla, balinika incwadi.

31Yafundwa, abantu bajabula ngamazwi ayo akhuthazayo.

32UJudasi noSilasi ababengabaphrofethi nabo, bashumayela kabanzi bekhuthaza abazalwane, bebamisa isibindi.

33Bahlala isikhathi lapho, base bevaleliswa ngabazalwane, bahamba ngokuthula babuyela kwababebathumile.

[34Kepha uSilasi wakhetha ukusala eAntiyokhi.]

35UPawula noBhanabhasi bahlala eAntiyokhi isikhathi, befundisa beshumayela izwi leNkosi, bekanye nabanye abaningi.

UPawula noBhanabhasi bayahlukana

36Kwadlula izinsukwana, uPawula wayesethi kuBhanabhasi: “Asihambe sibuyele kuwo onke amadolobha lapho sasishumayela khona izwi leNkosi, sihambele abazalwane, sihlole ukuthi banjani! ”

37UBhanabhasi wayefuna ukuba bathathe noJohane okuthiwa nguMarko, bahambe naye.

38Kodwa uPawula wabona kungekuhle ukuba bahambe nomuntu owabahlubuka besekwelasePhamfiliya, akabe esahamba nabo besaqhubeka nomsebenzi.

39Baxabana kabi ngalendaba baze behlukana. UBhanabhasi wathatha uMarko, wahamba naye baya eSayiphro ngomkhumbi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40Kepha uPawula wazikhethela uSilasi ukuba ahambe naye. Abazalwane
bamcelela isibusiso seNkosi ukuba ahambe nomusa, wasuka

41wadabula kwelaseSiriya nelaseSilisiya, ekhuthaza amabandla ewamisa isibindi.

ImiSebenzi 16

UThimothi uhamba noPawula noSilasi

1Wahamba waze wafika emizini yaseDerbhe naseListra. Kwakunekholwa lapho
elithiwa nguThimothi. Unina wayengumJuda okholwa kuJesu, uyise engowezizwe.

2Abazalwane baseListra naseIkhoniyo babemncoma impela uThimothi.

3UPawula wayefuna ukuhamba naye, wamthatha wamsoka, ngoba onke amaJuda
ayakhe kulezozindawo ayazi ukuthi uyise ungowezizwe.

4Badabula imizi, behamba betshela abazalwane ngesinqumo esenziwe
ngabaphostoli nabaphethe ibandla laseJerusalema, bethi kumele bakugcine.

5Ukukholwa kwabazalwane kwase kuqina, namabandla anda imihla ngemihla.

UPawula ubona umuntu waseMasedoniya ngombono

6UMoya oyiNgcwele wabenqabela ukuba bashumayele izwi likaNkulunkulu
ezweni laseAsiya, ngakhoke baqhubeka badabula kwelaseFrigiya nasesifundeni
saseGalathiya.

7Kuthe sebesondele kwelaseMisiya bazama ukuya kwelaseBhithiniya, kepha
uMoya kaJesu kawubavumelanga.

8Baqhubeka badabula kwelaseMisiya, behlela emzini waseTrowa.

9UPawula wabona umbono ebusuku, indoda yaseMasedoniya imi imnxusa ithi:
“Ake uze lapha eMasedoniya usisize! ”

10Kuthe angafikelwa yilombono maqede salungela ukuya eMasedoniya, ngoba
kwasikhanyela ukuthi nguNkulunkulu osibizela ukuba sibashumayeze indaba
ethokozisayo lapho.

Kuphenduka uLidiya

11Sasuka ngomkhumbi emzini waseTrowa, saqonda esiqhingini saseSamotrase;
ngakusasa safika emzini waseNeyapholi.

12Sehla emkhunjini, sahamba saya eFiliphi, umuzi wesifunda sokuqala
kwelaseMasedoniya. Lomuzi uphansi kombuso waseRoma. Sahlala izinsukwana
kuwo.

13Ngosuku lwesabatha saphuma ngesango lomuzi saya ngasemfuleni, lapho sasithi
sizothola khona indawo yamaJuda yokukhuleka. Safike sahlala phansi, sakhuluma
kwabesifazane ababebuthene lapho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Omunye wabo wayebizwa ngoLidiya. Wayengowesifazane womuzi waseThiyathira owayethengisa ngezingubo ezibukhwebezane. Wayemesaba uNkulunkulu. Walalela, iNkosi yamvula umqondo, wakwemukela okushiwo nguPawula.

15Wabhabhadiswa kanye nabomuzi wakhe, wayesesimema wathi: “Uma neneliswa ukuthi sengiyakholwa eNkosini, wozani ningenise kwami! ” Wasibelesela ukuba siye kwakhe.

Ukuboshwa koPawula eFiliphi

16Ngelinye ilanga sahamba saya endaweni yomkhuleko. Selanyelwa yintombazana eyisigqili eyayingenwe ngumoya wobungoma. Abaniniyo yayibangenisela imali eningi ngokubhula.

17Yasilandela sinoPawula imemeza ithi: “Lababantu bayizinceku zikaMvelinqangi uSimayedwa. Banishumayeza indlela yensindiso.”

18Yakwenza lokhu izinsuku eziningi zalandelana, uPawula waze wacasuka, waphendukela kuyo wakhuza umoya omubi wathi: “Ngamandla egama likaJesu Kristu ngiyakuyala ukuba uphume kuyo! ” Waphuma ngaso lesosikhathi.

19Kwathi ukuba abaniniyo babone ukuthi seliphele lonke ithemba lokuthola inzuzo ngayo, babamba uPawula noSilasi, babahudulela phambi kwezikhulu esigcawini samacala.

20Babamisa phambi kweziphathimandla zamaRoma bathi: “Lababantu bangamaJuda; basusa isiyaluyalu endaweni yakithi.

21Bafundisa amasiko okungavunyiwe ukuba siwemukele thina esingamaRoma.”

22Nesixuku sabathelekela oPawula noSilasi, neziphathimandla zathi mabahlutshulwe izingubo badindwe ngenduku.

23Bashaywa imivimbo eminingi, bagqunywa ejele. Kwase kuthiwa umlindi wejele akabavalele angabadedeli.

24Wathunywa lokho qede wabathatha, wabafaka engosini yeziboshwa ephakathi naphakathi. Imilenze yabo wayibophela ogodweni.

25UPawula noSilasi babekhuleka ebusuku kwesikabhadakazi, becula bedumisa uMvelinqangi, ezinye iziboshwa zibalalele.

26Kuthe bengazelele umhlaba wazamazama kakhulu, kwaze kwanyakaza nezisekelo zejele. Kwavuleka khona lapho yonke iminyango, kwathukuluka namaketango okwakuboshwe ngawo iziboshwa.

27Umlindi wejele waphaphama ebuthongweni, okwathi angabona iminyango yejele ivulekile, wacabanga ukuthi iziboshwa sezeqile, wayesehosha inkemba yakhe ethi uyazibulala.

28Kodwa uPawula wamemeza waqonga wathi: “Ungazilimazi! Sikhona sonke! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Umlindi wejele wathi akokhelwe izibani, wagijima wangena wazijwiba phansi phambi kukaPawula noSilasi ethuthumela.

30Wayesebakhipha ejele, ebabuza ethi: “Banumzane, kumele ngenzeni ukuba ngisindiswe na? ”

31Bamphendula bathi: “Kholwa eNkosini uJesu khona uzosindiswa, wena nomuzi wakho! ”

32Base bemshumayeza ngeNkosi, ekanye nabomuzi wakhe.

33Wabathatha khona ebusuku lobo, wabageza amanxeba, wabhabhadiswa nomuzi wakhe ngaso lesosikhathi.

34Wabangenisa kwakhe, wabanika ukudla. Wajabula kakhulu, kanye nomuzi wakhe, ngoba base bekholwa kuNkulunkulu.

35Kwasa ngakusasa iziphathimandla zamaRoma zathumela amaphoyisa zathi: “Dedelani labobantu! ”

36Umlindi wejele usebikela uPawula uthi: “Abakhulu bathumele izwi bathi anidedelwe. Ngakhoke phumani nihambe ngokuthula! ”

37Kodwa uPawula wathi emaphoyiseni: “Kuthe singalahlwanga cala basixebula basixebula kubukela wonke umuntu, base besigquma ejele, kanti siyizakhamuzi zombuso wamaRoma. Manje sebethi asidedelwe isinyenyela? Phinde! Akuze bona ngokwabo bazosikhipha! ”

38Amaphoyisa ahamba abikela iziphathimandla lawamazwi. Zethuka lapho zizwa ukuthi kanti bayizakhamuzi zombuso wamaRoma.

39Zase ziya kubo, zafike zakhuluma kahle nabo, zabakhipha ejele zabacela ukuba bemuke kulowomuzi.

40Baphuma ejele baya kwaLidiya. Bafike babona abazalwane, bakhuluma nabo babakhuthaza base behamba.

ImiSebenzi 17

Isiyaluyalu saseThesalonika

1Bahamba badabula emizini yaseAmfipholi naseApholoniya, base befika emzini waseThesalonika. Kwakukhona lapho isinagoge lamaJuda.

2UPawula waya wasonta njengento ayeyejwayele. Kwaze kwalandelana amasabatha amathathu ebonisana namaJuda ngemibhalo engcwele,

3eyichaza ekhombisa ukuthi kwakumele uMesiya ahlushwe abulawe, avuke kwabafileyo. Wayesethatha ethi: “UJesu lo enginishumayeza ngaye unguMesiya.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Amanye amaJuda akholwa, abambelela kuPawula noSilasi. Senze njalo nesixuku eksikhulu sabantu bezizwe abamesabayo uNkulunkulu, kanye nabesifazane abaningi abagqamileyo.

5AmaJuda ayesebafela umona, aqoqa izichwensi ezithile emigwaqweni, abhebhezela izihlwele, asusa udweshu emzini, ayesethelekela umuzi kaJasoni, ethungatha uPawula noSilasi ukuba abasasazele ngesixuku.

6Kwathi lapho engabatholi athatha uJasoni nabanye abazalwane, abadonsela kubaphathi bomuzi amemeza athi: “Lababantu abaphekula izikhuni emhlabeni wonke sebeze bafika nalapha,

7uJasoni wabangenisa kwakhe. Bonke bephula umthetho wengonyama yaseRoma, bathi kukhona enye inkosi okuthiwa nguJesu.”

8Amemeza kwaphithizela izixuku nabaphathi bomuzi, kwasuka udwishi.

9UJasoni kanye nabanye bakhokha kwaboshwa imali yabo, bona badedelwa.

OPawula baseBhiriya

10Kuthe ngabo lobobusuku abazalwane badlulisela uPawula noSilasi emzini waseBhiriya. Kuthe bangafika lapho, baya esinagogeni lamaJuda.

11Lawa ayenobuntu, enesimilo esingcono kunawaseThesalonika. Alamukela izwi, azinikela ngenhliziyo. Ayecwaninga imibhalo engcwele malangonke, efuna ukuthola ukuthi kuyikho yini okushiwo nguPawula.

12Akholwa aba maningi. Kwakholwa nabezizwe abaningi, abesifazane abayiziphakanyiswa ngisho nabesilisa.

13Kuthe ukuba amaJuda aseThesalonika ezwe ukuthi uPawula useshumayela izwi likaNkulunkulu naseBhiriya, aqonda khona afike adunga abantu baphithizela.

14Abazalwane base bemmukisa ngokushesha uPawula, bamusa ngasolwandle, kodwa uSilasi noThimothi basala eBhiriya.

15Laba ababephelekezela uPawula baze bambeka emzini waseAthene. Base bebuyela emuva, esebaphathise umyalezo wokuthi uSilasi noThimothi mabasheshe beze kuye.

UPawula useAthene

16Kuthe uPawula esabalindele eAthene, wezwa edungeka umoya lapho ebona umuzi ugcwele imiphuhle yezithixo.

17Ubeya esinagogeni afike abonisane namaJuda nalabo ababesaba uNkulunkulu. Afike akhulume imihla ngemihla nasembuthanweni kubantu ayethuka ehlangana nabo.

18Izihlakaniphi ezithile zophiko lwemfundiso kaEphikhuroneyamaStoyikhi nazo zatholana phezulu naye. Ezinye zathi: “Lona ngabe uphethe nhlamvu zini zolwazi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

azicoshileyo na? Uqonde ukuthini? ” Abanye bathi: “Sengathi ushumayela onkulunkulu esingabaziyo.” Phela wayeshumayela indaba ejabulisayo ngoJesu nangokuvuka ekufeni.

19Base bemthatha bamusa enkundleni yomkhandlu eseAreyophago, bathi: “Ake usazise ngalemfundiso entsha oyishumayelayo.

20Lokhu okushoyo siyakweshwama. Sithanda ukuzwa ukuthi uthini.”

21Ngoba zonke izakhamuzi zaseAthene nezihambi ezase zakhe khona zazikuthanda ukuchitha isikhathi ziphoshoze zilalele amanqampunampumulo kuphela.

22UPawula wasukuma phambi komkhandlu waseAreyophago wathi: “Madoda aseAthene! Konke engikubonayo kukhomba ukuthi niyikhuthalele impela inkolo.

23Ngithe ngithubeleza lapha, ngibuka lapho nikhonza khona, ngazithela naselathini elinombhalo othi: ‘UNkulunkulu ongaziwayo’. Lowo-ke enimkhonza ningamazi, nguye kanye enginishumayeza ngaye.

24UMvelinqangi owadala umhlaba nakho konke okukuwo, yena oyiNkosi yezulu nomhlaba, akahlali emathempelini akhiwe ngezandla.

25Akakhonzwa ngamsebenzi wazandla zamuntu, ngoba kaswele lutho. Nguye opha bonke abantu ukuphila nomphefumulo nakho konke.

26Wadabula isintu sonke kumuntu oyedwa ukuba sakhe emhlabeni wonke. Wanqumela isizwe ngesizwe ithuba laso, wasiklamela nemincele yaso.

27Wadala abantu ukuba bamfune, hleze baze bamthole ngokumpumputha. Kanti-ke uMvelinqangi akakude namuntu kithi.

28Ngoba siphila ngaye, sinyakaza ngaye, sikhona ngaye, njengoba nezinye izimbongi zakini zishilo zathi: “ ‘Ngisho nathi siyinzalo yakhe.’

29“Njengoba siyinzalo kaMvelinqangi, akumele ukuba ubuNkulunkulu sibufanise nomfanekiso wegolide nesiliva netshe, obunjwe ngekhono nangobuciko bomuntu.

30UMvelinqangi wabayekelela abantu ngenkathi bengakamazi. Kepha manje ubakhuza bonke ukuba baphenduke izindawo ngezindawo.

31Unqume usuku ayokwahlulela ngalo ngobuqotho bonke abasemhlabeni, ngesandla sendoda ayimisele lesosikhundla. Lokhu wakukhombisa ngokusobala kubantu bonke ngokuyivusa kwabafileyo.”

32Lapho bemuzwa uPawula ekhuluma ngokuvuka kwabafileyo, abanye bambhinqa, abanye-ke bathi: “Uyobuye usixoxele ngolunye usuku.”

33Wayesebashiya khona lapho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Amadoda athile anamathela kuye akholwa. Phakathi kwawo kwakukhona uDiyonisiyo, ilungu lomkhandlu waseAreyophago. Kwakholwa nowesifazane okuthiwa nguDamari nabanye abathile.

ImiSebenzi 18

UPawula useKhorinte

1UPawula wayesesuka eAthene, waya emzini waseKhorinte,

2wafike wathola umJuda othile okuthiwa nguAkhwila engowokuzalwa kwelasePhontu. Wayesand' ukufika nomkakhe uPhrisila bevela kwelaseNtaliyane, ngoba phela uKlawudiyu, ingonyama yombuso waseRoma, wayekhiphe umyalo wokuthi onke amaJuda mawaphume aphele emzini waseRoma. UPawula waxhumana nabo.

3Njengoba wayephila ngokwakha amathende njengabo wahlala nabo, besebenza ndawonye.

4Bekuthi njalo nje ngesabatha aqagulisane namaJuda nabezizwe esinagogeni ezama ukuwabonisa.

5Kwafika uSilasi noThimothi bevela kwelaseMasedoniya, bamfica uPawula esengene wathi shi emsebenzini wokushumayela, efakaza emaJudeni ethi uJesu unguMesiya.

6Kodwa ayemphikisa emjivaza, ngakhoke wathintitha uthuli ezingutsheni zakhe wathi: “Anginacala egazini lenu, seliyokhalela nina, mina ngimsulwa. Sengiya kwabezizwe kusukela manje.”

7Wabashiya kanjalo, wahamba waya emzini kaThithiyu Justu, owezizwe owayesaba uNkulunkulu. Lomuzi wawuncikene nesinagoge.

8UKhrispu, umphathi wesinagoge, waphendukela eNkosini nomuzi wakhe bakholwa. Baningi abantu baseKhorinte okwathi bangalizwa ivangeli bakholwa babhabhadiswa.

9Langathize iNkosi yafika kuPawula ngombono ebusuku yathi kuye: “Yima isibindi ungesabi! Qhubeka ushumayele ungathuli,

10ngoba nginawe. Akukho muntu oyokugcweleza ulimale; baningi abantu bami abakulomuzi.”

11UPawula wahlala lapho unyaka nenxenye, efundisa izwi likaNkulunkulu phakathi kwabo.

12Ngenkathi uGaliyo ethatha isikhundla ebusa elaseAkhaya, amaJuda ahlanganyela uPawula, ambamba amusa esigcawini samacala.

13Ammangalela athi: “Lomfokazi uyenga abantu ukuba bakhonze uNkulunkulu ngendlela ephambene nomthetho wezwe.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Kuthe uPawula esathi uyakhuluma, kwasuka uGaliyo wathi emaJudeni: “Ukuba
nina maJuda benilethe udaba lobugebengu kumbe icala elibi kakhulu,
bengizonizwa ngiliqule.

15Kepha nilethe umbango nje ngemfundiso nangamagama abathile nangomthetho
wakini, ngakhoke ngithi ziboneleni nina. Mina angifuni ukuqula amacala anje.”

16Wayesewakhipha esigcawini.

17Asuka onke adumela uSostene umphathi wesinagoge, amshaya khona lapho
esigcawini. Kodwa lokhu akuzange kumhluphe nakumhlupha uGaliyo.

UPawula ubuyela eAntiyokhi

18UPawula wahlala izinsuku eziningi nabazalwane eKhorinte, wayesevalelisa,
wasuka ngomkhumbi waya kwelaseSiriya. UPhrisila noAkhwila bahamba naye.
Kodwa kuthe engakasuki ngomkhumbi wagunda esethekwini laseKhenkriya,
ngoba wayephansi kwesifungo.

19Bafika emzini wasEfesu, lapho ashiya khona uPhrisila noAkhwila. Waya
esinagogeni, wafike waphikisana namaJuda.

20Wanxuswa ukuba ahlale isikhathi eside. Akavumanga,

21kodwa wavalelisa wathi: “Ngobuya ngibuye ngize kini uma iNkosi ivuma.”
Wasuka Efesu wahamba ngomkhumbi.

22Wafike wehla emzini waseKhesariya. Wayesekhuphukela eJerusalema
wabonana nebandla. Emuva kwalokho wedlula wehlela emzini waseAntiyokhi.

23Wahlala isikhashana lapho, wasuka wadabula esifundeni saseGalathiya
naseFrigiya, ehamba ekhuthaza abazalwane.

UApholo ushumayela Efesu

24Efesu kwafika umJuda okuthiwa nguApholo. Wayengowokuzalwa emzini
waseAleksandriya. Wayeliciko lokukhuluma, enolwazi olubanzi lwemibhalo
engcwele.

25Wayefundiswe ngenkolo yobuKristu, ekhuthalele ukushumayela afundise
ashaye khona ngezinto eziqondene noJesu, nanxa wayazi umbhabhadiso kaJohane
kuphela.

26Washumayela esinagogeni ngesibindi. Kuthe bangamuzwa oPhrisila noAkhwila,
bamthatha bamqondisa kahle bemfundisa ngoNkulunkulu.

27Wayefuna ukwedlulela kwelaseAkhaya, abazalwane bamkhuthaza, balobela
amakholwa akhona ukuba amemukele. Wafike wabasiza kakhulu abakholwayo
egcwele umusa kaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Lapho kuphikiswana eshashalazini, wayewehlula amaJuda ngokukhuluma amagama anesisindo, ekhombisa ngokusobala ngemibhalo engcwele ukuthi uJesu unguMesiya.

ImiSebenzi 19

UPawula usEfesu

1Ngenkathi uApholo eseKhorinte, uPawula wadabula esifundeni esingaphakathi nezwe, wafika emzini wasEfesu, wafica amakholwa,

2wawabuza wathi: “Kambe nawemukela yini uMoya oyiNgcwele mhla niphenduka nikholwa na? ” Amphendula athi: “Asikaze sizwe nakuzwa ukuthi kukhona uMoya oyiNgcwele.”

3UPawula waqhubeka wathi: “Kanti nabhabhadiswa ngambhabhadiso muni na? ” Amphendula athi: “Ngombhabhadiso kaJohane.”

4UPawula wayesethi kuwo: “UJohane wayebhabhadisa abantu abaphendukayo, ethi abakholwe kulowo ozomlandela, lowo-ke nguJesu.”

5Athi angakuzwa lokhu abhabhadiswa ngegama leNkosi uJesu.

6UPawula wawabeka izandla, uMoya oyiNgcwele wehlela kuwo, akhuluma ngezilimi, aphrofetha.

7Sebebonke babelinganiselwa emadodeni ayishumi nambili.

8Kwaba yisikhathi esingangezinyanga ezintathu uPawula ede eya esinagogeni, afike akhulume ngesibindi ngombuso kaNkulunkulu, aphikisane nabo ezama ukubabonisa.

9Kepha abanye babo baqinisa amakhanda, kabaze bakholwa, kodwa bajivaza inkolo yobuKristu phambi kwabantu bonke. UPawula wabashiya khona lapho, wathatha abazalwane wahamba nabo. Wayehleze exoxisana nabantu mihla ehholo likaThirano lokufundisa.

10Wakwenza lokhu iminyaka emibili, base bethola ithuba lokuzwa izwi leNkosi bonke abakhe kwelaseAsiya, amaJuda kanye nabezizwe.

Amadodana kaSkeva

11UNkulunkulu wenza izimangaliso ezingandile ngoPawula,

12abantu baze bathatha amaduku nezindwangu ezazike zamthinta uthi lomzimba, baziyisa kwabagulayo basinda ezifweni, nemimoya emibi yaphuma kubo.

13Kukhona nezanuse zamaJuda ezazehla zenyuka zilinge ukugagula igama leNkosi uJesu zikhuze abanemimoya emibi zithi: “Ngikufungela loJesu uPawula amshumayelayo.”

14Lomkhuba wenziwa ngamadodana ayisikhombisa omphristi omkhulu wamaJuda okuthiwa nguSkeva.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Kepha umoya omubi wathi kubo: “UJesu ngiyamazi, ngiyazi nangoPawula. Pho
nina ningobani? ”

16Umuntu owayephethwe yidimoni wayesebadumela, walwa nabo waze
wabehlula bonke, baphuma endlini babaleka benqunu belimele kabi.

17Yezwakala lendaba kubo bonke abakhe Efesu, amaJuda nabezizwe. Bashaywa
uvalo bonke, igama leNkosi uJesu laba nodumo.

18Iningi labantu abase bekholwa babefike bakuvume obala abakwenzileyo.

19Abantu ababekade benze imilingo baqoqela ndawonye izincwadi zabo
zemilingo, bazithungela ngomlilo, zasha phambi kwabantu. Kuthe uma
sekuhlanganiswa inani lazo, kwatholakala ukuthi lingangezinhlamvu zesiliva
eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu.

20Ngalendlela izwi leNkosi laqhubeka landa kakhulu laba namandla.

Kusuka isiphithiphithi Efesu

21Kwedlule lokhu uPawula wayesehlosa ukudabula kwelaseMasedoniya
nelaseAkhaya eya eJerusalema, wathi: “Uma sengifikile lapho, kumele ngiyobona
naseRoma.”

22Wathumela abasizi bakhe ababili, uThimothi noErasto, kwelaseMasedoniya
yena wahlala inkathi kwelaseAsiya.

23Ngalesosikhathi kwasuka esinamathambo Efesu sisuka ngenkolo yamaKristu.

24Umkhandi wesiliva owayethiwa nguDemetriyo wayebumba izithombe zesiliva
zethempeli lesithixokazi uAthemisi. Ngalomsebenzi wayedalela izingcweti inzuzo
enkulu.

25Wazibizela ndawonye kanye nabanye abangozakwabo kulomsebenzi, wathi
kubo: “Madoda! Nazi kahle ukuthi umnotho wethu siwuthola ngalomsebenzi.

26Nizibonele ngokwenu nezwa ukuthi loPawulandini wedukise abantu abaningi,
kungesikho lapha Efesu kuphela, kepha cishe nakulo lonke laseAsiya. Uhamba
ebatshela ukuthi akunkulunkulu labo abenziwa ngezandla zabantu.

27Sisengozini yokuba lomsebenzi wethu udeleleke. Kanti futhi nethempeli
likankulunkulu wethu uAthemisi lingahle libukelwe phansi, lwehle nodumo
lwalenkosazana engunkulunkulu abayikhonza bonke kwelaseAsiya nasemhlabeni
wonke.”

28Kuthe lapho isixuku sizwa lawamazwi sathukuthela safa, samemeza sathi:
“Mkhulu uAthemisi wasEfesu! ”

29Kwasuka isiphithiphithi phakathi komuzi wonke. Isixuku sasukela uGayiyu
noAristakho, sabaxhakathisa, sakhukhula nabo ngothi lwaso saya enkundleni
yemidlalo. Laba babengabaseMasedoniya behamba noPawula.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30UPawula wayefuna ukuya esixukwini, afike akhulume phambi kwaso, kepha abazalwane bamenqabela.

31Ezinye iziphathimandla zesifunda saseAsiya ezazazana noPawula zathumela kuye, zimxwayisa ukuba angalubeki enkundleni leyo.

32Kwase kunesihlonono esixukwini, abanye bememeza lokhu, abanye besho lokhuya, nakhu phela iningi labo lalingazi nokuthi kubuthenwe nje kwenze njani.

33UAleksanda othile waqhutshelwa ngaphambili ngamaJuda, abanye esixukwini base bemtshela ukuthi kwenze njani. Wabahebeza ngesandla efuna ukuzishwelezela kubantu.

34Kuthe lapho bemuzwa ukuthi kanti ungumJuda, bamemeza cishe amahora amabili besho isiqubulo bethi: “Mkhulu uAthemisi wasEfesu! ”

35Unobhala womuzi wabathulisa wathi: “Mabandla akithi Efesu! Ubani lapha ongaziyo ukuthi lomuzi wethu wasEfesu ungumzanyana wethempeli lika-Athemisi omkhulu nelomfanekiso wakhe ohlonishwayo owaqathaka ezulwini.

36Lokhu kungephikwe muntu. Ngakhoke yehlisani umoya ningathathi ngamawala.

37Phela nilethe lawamadoda lapha nanxa engesibo abaphangi bamathempeli, futhi engahlambalazanga unkulunkulu wethu.

38Kanti uma uDemetriyo nezingcweti ezikanye naye befuna ukumangala, zikhona izinsuku ezinqunyelwe amacala, zikhona neziphathimandla eziwathethayo. Abamangalelane kuzo!

39Kepha uma kukhona okunye enikufunayo, kumele udaba ludingidwe ngokomthetho ebandla.

40Kukhona ingozi yokuba sethweswe icala lokususa isibhelu ngalokhu osekwenzeke namhlanje. Besingekho isidingo salomsindo, futhi singaziphendulela sithini ngawo? ” Ngalawamazwi wawuhlakaza umbuthano.

ImiSebenzi 20

UPawula uya eMasedoniya naseAkhaya

1Kwathi singalotha isiwiliwili sasEfesu, uPawula waqoqa abazalwane wabamisa isibindi, wavalelisa wadlulela kwelaseMasedoniya.

2Wadabula ezifundeni zakhona ehamba ekhuthaza amakholwa ngezintshumayelo eziningi. Wafika kwelamaGriki

3wahlala khona izinyanga ezintathu. Kuthe eselungela ukuya kwelaseSiriya ngomkhumbi, amaJuda akha icebo lokumbulala. Ngakhoke kwafika emqondweni wakhe ukuba abuyele emuva ngendlela edabula kwelaseMasedoniya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Wayehambisana nalaba: uSophatha waseBhiriya umfokaPhiro, uAristakhu noSikhundu baseThesalonika, uGayiyu waseDerbhe, uThimothi, uThikhikho noTrofimo bevela kwelaseAsiya.

5Basendulela bafike basilindela eTrowa.

6Sasuka eFiliphi emuva komkhosi wokudla isinkwa esingenamvubelo, sahamba ngomkhumbi saze sabafica eTrowa emuva kwezinsuku eziyisihlanu, sahlala izinsuku eziyisikhombisa.

UPawula uvalelisa eTrowa

7Ngosuku lokuqala lweviki sabuthanela ukuba sabelane isinkwa. UPawula washumayela kubo wayidonsa intshumayelo kwaze kwaba phakathi kwamabili, ngoba wayezohamba ngakusasa.

8Kwakukhanyiswe ngezibani eziningi endlini ephezulu esasibuthanele kuyo.

9Kwakuhlezi ibhungu elinguEwuthiko onqenqemeni lwefasitela. Wazunywa ubuthongo njengoba uPawula wayelokhu eyidonsile intshumayelo. Walala zwi wayesewa esitezi sesibili, wathanqazeka phansi, Bathi beqamba bemphakamisa wayesebanda.

10Kodwa uPawula wehla waya kuye, wafike wakhothama phezu kwakhe wamgona wathi: “Musani ukukhala, kafile! ”

11Wakhuphukela endlini ephezulu, wafike wabelana nabo isinkwa, washumayela isikhathi eside kwaze kwasa, wayesehamba.

12Balithatha ibhungu lelo seliphila, bahamba nalo beduduzeke kakhulu.

OPawula basuka eTrowa ngomkhumbi baya eMilethu

13Thina sasuka kuqala kunoPawula saya emkhunjini. Sahamba ngawo nce sidlule simthathe emzini waseAso lapho ayezokhwela khona. Phela wayehlele kanjalo esophe ukuya khona ngezinyawo.

14Kuthe angahlangana nathi eAso, wangena emkhunjini esasiwugibele, saya emzini waseMithilene.

15Sasuka lapho saye safika maqondana nomuzi waseKhiyo ngakusasa. Ngomhlomunye sadlula ngasesiqhingini saseSamo, okwathi ngosuku olulandelayo safika emzini waseMilethu.

16UPawula phela wayekade enqume ukungangeni Efesu ukuze angachithi sikhathi kwelaseAsiya. Nakhu phela wayephuthuma ukuba afinyelele eJerusalema ngosuku lwePhentekhoste uma kungenzeka.

UPawula uvalelisa ngentshumayelo kwabaphethe ebandleni Efesu

17Wathumela eseMilethu ukuba abaphathi bebandla lasEfesu beze kuye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Bafike-ke abesethi: “Bazalwane! Nizibonele ngokwenu ukuthi bengiziphethe kanjani phakathi kwenu, kusukela mhla ngiqala ukubeka unyawo lwami lapha kwelaseAsiya nangesikhathi sonke nginani.

19Niyazi ukuthi bengikhonza iNkosi ngingazigabisi, ngikhala izinyembezi ngihlupheka ngenxa yozungu lwamaJuda.

20Niyazi nokuthi angigodlanga lutho obelunganisiza; nginishumayezile nganifundisa obala phambi kwabantu nasemakhaya ngamakhaya.

21Ngangiye ngifakaze ngigcizelele emaJudeni ngisho nakwabezizwe ukuba baphendukele kuNkulunkulu bakholwe eNkosini yethu uJesu.

22Manje amabombo ngiwabhekise eJerusalema ngidonswa nguMoya oyiNgcwele. Angikwazi okuyongehlela lapho.

23Engikwaziyo nje ukuthi uMoya oyiNgcwele uyangikhanyisela ngikulelo nalelodolobha, ufakaze ukuthi ngizofika phambili ngiboshwe ngihlupheke.

24Kodwa ukuphila kwami akunto nengingakhuluma ngayo, okukhulu kimi ukuba ngigijime ibanga lami, ngifeze umsebenzi iNkosi uJesu eyangabela wona, wokushumayela indaba emnandi efakaza ngomusa kaNkulunkulu.

25“Ngiyazi manje ukuthi niyagcina ukungibona nina nonke ebengihamba phakathi kwenu nginishumayeza ngombuso kaNkulunkulu.

26Ngakhoke ngiyaqinisa kini namhlanje ngithi ngimsulwa; anginacala egazini lamuntu kini.

27Angizange ngidonde ukunivezela konke okuyintando kaNkulunkulu.

28Xwayani, niqaphele nomhlambi lowo uMoya oyiNgcwele onibeke ukuba niweluse. Yalusani ibandla likaNkulunkulu azithengela lona ngegazi lakhe uqobo.

29Ngiyazi phela ukuthi kuyothi ngingahamba lapha, bese nithelekelwa ngamankentshane angeke awushiya umhlambi.

30Naphakathi kwenu imbala kuyovela abayokhuluma okuphambene neqiniso, bayenge amakholwa ukuba abalandele.

31Hlalani nilindile, nikhumbule ukuthi kuleminyaka emithathu nginani benginixwayisa ngamunye ubusuku nemini ngikhala izinyembezi!

32“Manje senginethula kuNkulunkulu ukuba anilondoloze, nibambelele emfundisweni yomusa wakhe enamandla okunikhulisa ekukholweni, inabele ifa kanye nabo bonke asebengcwelisiwe.

33Angizange ngifune siliva nagolide nangubo yamuntu.

34Niyazazela kwanina ukuthi ngakusebenzela ngalezizandla zami esasikweswele, mina kanye nesasinabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

35Kukho konke engakwenzayo nganikhombisa ukuthi kufanele selekelele labo
abangenamandla okuzisiza, sikhumbule amazwi eNkosi uJesu uqobo lapho ethi:
‘Kubusisekile ukupha kunokwamukela.’ ”

36UPawula wakusho lokhu maqede waguqa ngamadolo nabo bonke, wakhuleka.

37Baqhumuka bakhala bonke, bamxhawula bamanga bamvalelisa.

38Ikakhulu babedatshukiswe ngamazwi akhe okuthi sebeyagcina ukumbona. Base
bemphelekezela baze bambeka emkhunjini.

ImiSebenzi 21

UPawula uya eJerusalema

1Sabavalelisa sasuka ngomkhumbi, saqonda ngqo esiqhingini saseKhose;
ngakusasa safika kwesaseRodo; sasuka lapho saya emzini wasePhathara.

2Safike sathola umkhumbi owawuzowelela kwelaseFenisiya, sangena kuwo
sahamba.

3Sabona isiqhingi saseSayiphro, sasishiya ngakwesokunxele saya kwelaseSiriya,
safike sehla emzini waseThire, lapho umkhumbi wawuzokwethula khona impahla.

4Safika sathola abazalwane lapho, sase sihlala nabo izinsuku eziyisikhombisa.
UMoya oyiNgcwele wakhuluma kulababazalwane ukuba batshele uPawula angayi
eJerusalema.

5Kwaphela lezonsuku sasuka sahamba. Basiphelekezela bonke kanye nomkabo
nabantababo, baze basibeka ngaphandle komuzi. Saguqa ngamadolo ogwini
sakhuleka

6savalelisana. Sangena emkhunjini, base begoduka.

7Sasuka eThire saye sehla emzini wasePhetholemayi. Sahamba sabonana
nabazalwane, sahlala nabo usuku lwalunye.

8Kwasa saqhubeka, safinyelela emzini waseKhesariya; saya kwamvangeli uFiliphu
owayengomunye wamagosa ayisikhombisa, sangenisa kwakhe.

9Wayenamadodakazi amane ayengaganile ayengabaphrofethi eshumayela.

10Kwathi sesihlale izinsuku, kwafika umphrofethi okuthiwa nguAgabho evela
eJudiya.

11Weza kithi, wafike wathatha ibhande likaPawula, wazibopha ngalo izandla
nezinyawo, wathi: “UMoya oyiNgcwele uthi: ‘Umnikazi walelibhande ayombopha
kanje amaJuda eJerusalema, amkhaphele ezandleni zabezizwe.’ ”

12Lapho sikuzwa lokhu sinabantu balapho, samncenga uPawula ukuba angabe
esaya eJerusalema.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Kepha waphendula wathi: “Nikhalelani ningibangela inhliziyo ebuhlungu na? Mina sengikulungele kwakhona ukuboshwa lokhu nokubulawa imbala eJerusalema, ngibulawelwe igama leNkosi uJesu.”

14Sehluleka sithi siyambonisa, sadela sase sithi: “Akusale sekwenzeka intando yeNkosi! ”

15Sabopha imithwalo emuva kwezinsukwana, sakhuphukela eJerusalema.

16Abanye abazalwane baseKhesariya bahamba nathi, bafike basethula kwaMnasoni waseSayiphro esasizongenisa kwakhe. Wayesenesikhathi eside akholwa.

UPawula ubonana noJakobe

17Ekufikeni kwethu eJerusalema abazalwane basemukela kahle basijabulela.

18Ngakusasa uPawula wahamba nathi saya kuJakobe, nabaphethe ebandleni babuthana bonke.

19UPawula wababingelela, wabalandisa ukusuka nokuhlala kwakho konke uNkulunkulu akwenzile phakathi kwabezizwe esebenza ngaye kulenkonzo.

20Kwathi bangakuzwa lokho, badumisa uMvelinqangi. Base bethi kuPawula: “Uyabona-ke mzalwane, ukuthi sekuphenduke amaJuda ayizinkulungwane akholwa, kodwa onke asawushisekele umthetho.

21Asezwile ngawe ukuthi ufundisa onke amaJuda ahlala ezizweni, uthi awangabambeleli emthethweni kaMose, uhamba uthi awangabasoki abantwana bawo, angagcini namasiko obuJuda.

22Sizokwenze njani-ke manje? Empeleni bazokuzwa ukuthi usufikile lapha.

23Ngakhoke sithi yenza njengalokhu sikutshela! Kukhona nanka amadoda amane asezibophezele ngesethembiso.

24Hamba nawo nenze isiko lokuhlanjululwa, uwakhokhele izindleko bese ephuca amakhanda awo. Sebeyobona ngakho bonke ukuthi lokho abakuzwe ngawe kuyinto engekho, kubakhanyele nokuthi nawe uqobo uyawugcina umthetho kaMose.

25Kodwa mayelana nabezizwe asebephenduke bakholwa, kunjengoba sababhalela incwadi sababikela ngesinqumo sethu sokuthi mabangadli kudla okuhlatshelwe izithixo, bangadli gazi nanyama yasilwane esiqumbeleneyo, bayeke ubufebe.”

26UPawula wathatha amadoda lawo, okwathi ngakusasa wahamba nawo, bafike benza isiko lokuhlanjululwa. Wayeseya ethempelini, wafike wamemezela isikhathi okuyophela ngaso izinsuku zokuhlanjululwa, bese leyo naleyondoda inikelelwa ngomhlatshelo.

Ukuboshwa kukaPawula esethempelini

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Kwathi sekuzophela lezonsuku eziyisikhombisa, amaJuda ayevela kwelaseAsiya
ambona uPawula esethempelini. Ayesemsasazela ngesixuku sonke, ambhozomela.

28Amemeza athi: “Phuthumani maIsrayeli niselekelele! Nangu lomuntu ohamba
lonke izwe, efundisa okuphambene nesizwe sakithi nomthetho kaMose
nalelithempeli. Manje usengenise nabezizwe lapha ethempelini, wayingcolisa
lendawo engcwele.”

29Bakusho lokhu ngoba babebone uTrofimo wasEfesu ekanye naye eJerusalema,
base bethatha ngokuthi uPawula umngenise ethempelini.

30Kwasuka isiphithiphithi kuwo wonke umuzi, abantu bakhandana ndawonye.
Bamdumela uPawula, bamhudulela ngaphandle kwethempeli maqede kwavalwa
amasango.

31Kuthe lapho isixuku sesifuna ukumbulala kwabikelwa umphathi wamabutho
amaRoma ukuthi lonke iJerusalema liyaphithizela.

32Akabe esaqula umphathi wathatha amabutho nezinduna, waphuthuma
waqonda esixukwini. Kwathi lapho amaJuda ebona umphathi namabutho, ayeka
ukundinda uPawula.

33Umphathi wasondela wambopha wathi akagigwe ngamaketango amabili.
Wabuza ukuthi lomuntu ungubani, wenzeni na.

34Abanye esixukwini bamemeza basho lokhu, nabanye basho lokhuya.
Esiwiliwilini esasukayo umphathi akabange esazi ukuthi isisusa yini. Watshela
amabutho ukuba athathe uPawula amuse ngaphakathi enqabeni.

35Afika naye ezitebhisini, kwase kudingeka ukuba amthwale ngenxa yobudlova
bezihlwele.

36Isixuku sabantu sasilokhu silandela simemeza sithi: “Mbulaleni! ”

UPawula uyaziphendulela

37Kwathi amabutho esezongena nje noPawula enqabeni, wabuza kumphathi
wathi: “Ngingakhuluma kuwe na? ” Waphendula wathi: “Kanti isiGriki uyasazi!

38Awusiye yini lomGibhithe owasusa isibhelu phambilini, wahola izinswelaboya
eziyizinkulungwane ezine waya nazo ehlane na? ”

39UPawula waphendula wathi: “Mina ngingumJuda waseThasu ngokuzalwa.
Ngiyisakhamuzi sendawo eyaziwayo kwelaseSilisiya. Ngiyacela, ake ungivumele
ngikhulume kubantu! ”

40Umphathi wavuma. UPawula wema ezitebhisini wabahebeza ngesandla ukuba
balalele. Kwathula kwathi cwaka, wakhuluma kubo ngesiHebheru wathi:

ImiSebenzi 22

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1“Bantu bakithi nani bobaba! Ake ningilalele njengoba ngiziphendulela phambi kwenu.”

2Bathi bangamuzwa ekhuluma ngolimi lwesiHebheru, base bethula du, wathi:

3“NgingumJuda ngidabuka emzini waseThasu kwelaseSilisiya ngokuzalwa. Kepha ngakhulela lapha eJerusalema, ngafundiswa nguGamaliyeli. Ngakhuliswa ngomthetho wawokhokho ngokucophelela, ngishisekela uNkulunkulu njengoba nani nonke nenza namuhla.

4Ngabazingela baze babulawa labo ababehamba ngendlela yalenkolo. Ngabopha abesilisa nabesifazane ngabavalela ejele.

5Ofakazi bami ngumphristi omkhulu nomkhandlu wonke, okuyibona abanginika izincwadi zegunya ezazilotshelwe abakithi besinagoge laseDamaseku. Nganikela khona ukuba ngihambe ngibophe amaKristu nalapho, ngiwaqhube ngiwalethe eJerusalema ukuba ajeziswe.

UPawula ulanda ngokuphenduka kwakhe

(ImiSeb 9:1-19; 26:12-18)

6“Ngangisendleleni sengisondela eDamaseku. Kuthe emini enkulu ngingazelele ngaqabuka sengihaqwe ngukukhanya okukhulu kuvela ezulwini, kwakhanya nxazonke eduze kwami.

7Ngashayeka phansi, ngezwa izwi lithi kimi: ‘Sawuli, Sawuli! Ungizingelelani na? ’

8Ngabuza ngathi: ‘Ungubani wena Nkosi na? ’ Yaphendula yathi: ‘NginguJesu waseNazaretha omzingelayo.’

9Laba engangihamba nabo bakubona ukukhanya, kepha kabamzwanga ukuthi uthini lowo owayekhuluma nami.

10Ngabuza ngathi: ‘Nkosi, ngenze njani na? ’ INkosi yathi kimi: ‘Sukuma uye eDamaseku! Kulapho uyotshelwa khona konke omiselwe ukukwenza.’

11Ngangingasaboni ngixhoshwa wukukhanya, ngakhoke laba engangihamba nabo bangibamba ngengalo, bangihola bangisa eDamaseku.

12“Kwakukhona indoda okuthiwa nguHananiya, ikholwa eligcina umthetho wakithi, lihlonishwa yiwo wonke amaJuda aseDamaseku.

13Yeza yafike yema ngakimi yathi: ‘Sawuli mfowethu! Vuleka amehlo ubone.’ Ngase ngibona ngaso lesosikhathi, ngayibheka.

14Yayisithi kimi: ‘UNkulunkulu wokhokho wakukhetha ukuba wazi intando yakhe, ubone oLungileyo wakhe umuzwe ezikhulumela kuwe ngephimbo lakhe.

15Wena uzoba ngufakazi wakhe, ubikele bonke abantu ngalokhu okubonileyo nokuzwileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Pho yini osayilindele? Sukuma ubhabhadiswe uhlanjululwe ezonweni zakho, ubize igama lakhe! ’

UPawula ulanda ngokuthunyelwa kwakhe kwabezizwe

17“Kuthe sengibuyele eJerusalema ngikhuleka ethempelini ngathathwa yisiyezi,

18ngabona iNkosi uJesu ngayizwa ithi kimi: ‘Phangisa usuke eJerusalema ngoba abantu balapha ngeke bakuzwe lapho ufakaza ngami! ’

19Ngase ngithi: ‘Nkosi, ingani bangazi kahle ukuthi yimi engangena emasinagogeni, ngafike ngabopha ngabhaxabula abakholwa kuwe.

20Kuthe mhla bechitha igazi likaStefano ufakazi wakho, ngema lapho mathupha ngibukela, ngihambisana nabakwenzayo, ngabagcinela izingubo laba abambulalayo.’

21Yayisithi kimi: ‘Hamba, ngoba mina ngikuthumela kwabezizwe emajukujukwini! ’ ”

UPawula nomphathi wamabutho amaRoma

22Abantu babelokhu bemlalele ekhuluma kodwa wanele washo lawamazwi bahlokoma bathi: “Msuseni! Akabulawe! Akafanele ukuphila lona! ”

23Baqonga ngomsindo, bakhumula izingubo bathunquza uthuli lwabheka phezulu.

24Umphathi wathi amabutho awamthathe uPawula amngenise enqabeni. Wayesethi akabhaxabulwe aphenyisiswe kuze kuzwakale ukuthi yini ebangela abantu bamhlokome kangaka.

25Kepha kuthe sebembophile esezoshaywa, uPawula wathi enduneni eyayimi lapho: “Umthetho uyavuma yini ukuba nibhaxabule umuntu ongumRoma engakalahlwa yicala na? ”

26Induna yezwa lokhu, yaqonda kumphathi wamabutho yafike yathi: “Kuyini lokhu okwenzayo? Lomuntu ungumRoma! ”

27Kwase kusuka umphathi waqonda kuPawula, wafike wathi kuye: “Ake ungitshele, ungumRoma yini wena? ” UPawula waphendula wathi: “Yebo nginguye.”

28Umphathi wathi: “Mina ngalithenga ngemali enkulu ilungelo lokuba ngumRoma.” UPawula wathi: “Kodwa mina ngingumRoma wokuzalwa.”

29Amabutho ayesezophenya uPawula aqhela kuye khona lapho. Umphathi washaywa uvalo lapho sekuvela ukuthi ubophe umRoma.

UPawula uphambi komkhandlu

30Umphathi wamabutho wayefuna ukwazi iqiniso lokuthi ngempela yini amaJuda ayemmangalela ngayo uPawula. Ngakhoke ngakusasa wathi akakhululwe. Wabiza

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

izikhulu zabaphristi nomkhandlu wonke ukuba kuhlanganwe. Wathatha uPawula wahamba naye, wafike wammisa phambi kwabo.

ImiSebenzi 23

1UPawula wayesewugqolozela umkhandlu wathi: “Bazalwane! Unembeza wami uyangifakazela ukuthi bengiphila impilo emsulwa phambi kukaNkulunkulu kuze kube namuhla.”

2Umphristi omkhulu uHananiya wayesetshela ababemi eduze noPawula ukuba bambhibize.

3UPawula wathi kuye: “We mzenzisindini! UNkulunkulu uzokushaya wena loludonga olucakiweyo lolu! Ulapha wena esigcawini ukuba uqule icala lami ngokomthetho, kepha usuweqa umthetho ngokuthi abangimukule.”

4Labo ababemi eduze kukaPawula bathi kuye: “Ngabe ngumphristi omkhulu kaNkulunkulu omjivaza kanje? ”

5Waphendula wathi: “Impela bazalwane, bengingazi ukuthi ungumphristi omkhulu. Ingani kulotshiwe embhalweni ongcwele ukuthi: ‘Ungamthuki umbusi wesizwe sakini! ’ ”

6Kwathi ukuba uPawula aphawule ukuthi umkhandlu wehlukene amaqembu amabili, elabasadusi nelabafarisi, wamemeza emkhandlwini wathi: “Bazalwane! Mina ngingumfarisi, ngingowozalo lwabafarisi. Ngilapha nje ngethweswe icala, ngoba nginethemba lokuthi kukhona ukuvuka kwabafileyo.”

7Wanele wakusho lokho, base betholana phezulu abafarisi nabasadusi, umkhandlu wehlukana phakathi.

8Phela iqembu labasadusi lithi akukho kuvuka kwabafileyo, akukho ngilosi nasithunzi, kodwa elabafarisi lithi kokuthathu kukhona.

9Kwasuka isimokololo somsindo. Ezinye izazimibhalo zeqembu labafarisi zaqonga zathi: “Asitholi cala kulomuntu. Hleze ngempela kwafika umoya kumbe ingilosi yakhuluma kuye! ”

10Bahilana kangangoba umphathi wamabutho waze waba novalo lokuthi bangase bamdwengule uPawula. Wathuma amabutho ukuba ehlele emkhandlwini, afike anyomule uPawula phakathi kwabo amngenise phakathi enqabeni.

11Ngobusuku obulandelayo iNkosi uJesu yafika kuPawula, yathi: “Yima isibindi ungesabi! Njengalokhu ungifakazele lapha eJerusalema, kufanele ufakaze naseRoma imbala.”

AmaJuda akha uzungu lokubulala uPawula

12Kwasa ngakusasa amaJuda ahlangana akha icebo. Afunga agomela azibophezela ukuba angadli lutho angaphuzi lutho engakambulali uPawula.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Kwakungabantu abevile emashumini amane laba abazibophezela ngalesisifungo.

14Baya ezikhulwini zabaphristi nezigele, bafike bathi: “Sesifunge sathi lingaduma lisithathe, asifaki lutho emlonyeni singakambulali uPawula.

15Ngakhoke nina kanye nomkhandlu, thumelani nicele umphathi wamabutho ukuba ehlise uPawula amlethe lapha! Kuhle nishaye sengathi kukhona enifuna ukukuphenya kabanzi ngaye. Thina-ke sigaqele ukumsusa, afe engakafiki nalapha.”

16Kepha umntakadadewabo kaPawula waluzwa loluzungu, wayeseya enqabeni wangena wahlebela uninalume.

17UPawula wabiza enye yezinduna wathi kuyo: “Thatha lelibhungu uhambe nalo, niye kumphathi wamabutho, ngoba kukhona elifuna ukumtshela khona.”

18Induna yalithatha yalisa kumphathi, yafike yalethula yathi: “Isiboshwa uPawula singibizile sangicela ukuba ngilethe lelibhungu lapha, ngoba kukhona elifuna ukukusho kuwe.”

19Umphathi wathatha ibhungu, walihola ngengalo waqhela nalo, wayeselibuza ngasese wathi: “Ngabe yini ofuna ukuyisho kimi na? ”

20Lathi: “AmaJuda asevumelene ngokuthi azokucela ukuba wehlise uPawula kusasa lokhu okusayo, umuse emkhandlwini, ngezaba zokuthi bafuna ukuphenya kabanzi ngaye.

21Kodwa ungakwenzi abakushoyo, ngoba kukhona amaJuda evile emashumini amane asemqamekele endleleni. Asezibophezele ngesifungo sokuthi awadli lutho awaphuzi lutho engakambulali. Acuthele ukukwenza lokhu, kuphela nje alindele wena ukuba uvume.”

22Umphathi wayesethi ibhungu alingatsheli muntu ukuthi limbikele lokhu, wayeselidedela.

UPawula uthunyelwa kulusibalukhulu uFeliksi

23Wabiza izinduna zakhe ezimbili wathi kuzo: “Hlanganisani amabutho angamakhulu amabili. Kusukela ngehora lesishiyagalolunye kusihlwa, awahlale elungele ukuya emzini waseKhesariya, kanye nezinkweli zamahhashi ezingamashumi ayisikhombisa, nabangamakhulu amabili abahlome imikhonto.

24Bese nilungisela uPawula amahhashi azowagibela, nimphelekezele nize nimbeke engenamcothu kulusibalukhulu uFeliksi.”

25Umphathi wayeseloba incwadi kanje:

26“Lencwadi ivela kimi uKlawudiyu Lisiya, ngiyilobela ulusibalukhulu uFeliksi. Mhlonishwa,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27lendoda ibanjwe ngamaJuda efuna ukuyibulala. Ngase ngitheleka namabutho ngayihlenga, njengoba bese ngizwile ukuthi ingumRoma.

28Bengifuna ukuthola ukuthi cala lini ayethwesa lona, ngakhoke ngayithatha ngayizisa emkhandlwini wawo.

29Ngathola ukuthi ayenzanga lutho olungadala ukuba ibulawe noma ifakwe ejele. Icala ebiyethweswe lona liphathelene nezindaba zomthetho wamaJuda okuphikiswana ngazo.

30Lapho ngibikelwa ukuthi amaJuda akha uzungu lokuyibulala, ngase ngithi angiyithumele kuwe. Sengibatshelile nalabo abayithwesa icala ngathi abahambe bayimangalele kuwe."

31Amabutho athatha uPawula njengoba ayetsheliwe, ahamba naye ngabo lobobusuku aze afika emzini waseAntiphatri.

32Ngakusasa abuyela enqabeni, eseshiye izinkweli zamahhashi ukuba ziqhubeke naye.

33Zahamba naye zaze zafika emzini waseKhesariya. Zanika ulusibalukhulu incwadi zethula noPawula.

34Ulusibalukhulu wayifunda incwadi wayesebuza kuPawula ukuthi ungowasiphi isifunda. Kuthe angezwa ukuthi ungowaseSilisiya

35wathi: "Icala lakho ngiyoliqula uma sebefikile abakumangalelayo." Wayesethumela ukuba agcinwe esigodlweni sikaHerodi.

ImiSebenzi 24

UPawula umangalelwa ngamaJuda

1Umphristi omkhulu uHananiya wehlela eKhesariya ngemuva kwezinsuku eziyisihlanu, ehamba nezigele ezithize nommeli okuthiwa nguThethulu. Baya kulusibalukhulu uFeliksi esigcawini, sebeyokwethwesa uPawula icala.

2UPawula wabizelwa lapho, kwase kusukuma uThethulu eselwendlala udaba, emethwesa icala kanje: "Mhlonishwa Feliksi! Izwe lakithi uliphathe kahle, laba nokuthula nenhlalakahle isikhathi eside, ngobuciko bakho kwavela uguquko olwaba usizo esizweni sakithi.

3Singeke sakuphika lokhu, kwazeka yonke indawo, ngakhoke sithi halala!

4Kepha angithandi ukuchitha isikhathi sakho, ngakhoke ngizoshaya ngezimfushane ngodaba lwethu. Ngiyakunxusa ukuba usibekezelele ulalele.

5Lendoda siyitholile ukuthi iyingozi kabi. Isusa isibhelu phakathi kwawo onke amaJuda emhlabeni. Ingumholi wabeqembu lamaNazaretha.

6Isike yazama nokunukubeza ithempeli elingcwele, sase siyibopha. [Sasizimisele ukuyahlulela ngokomthetho wakithi,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7kodwa uLisiya umphathi wamabutho wafika kithi, wayithatha ngodlame,

8wayesethi labo abayethwesa icala abayimangalele lapha kuwe.] Usungayiphenyisisa ngokwakho, uzizwele konke esiyimangalela ngakho.”

9NamaJuda ayiseka lendaba, athi injalo.

UPawula uziphendulela phambi kukaFeliksi

10Ulusibalukhulu wanqekuza ikhanda ekhombisa uPawula ukuthi usengaziphendulela. Wathatha wathi: “Ngiziphendulela ngeqholo phambi kwakho njengoba ngiyazi ukuthi usuneminyaka eminingi wahlulela lesisizwe.

11Ungazanelisa ngokwakho ukuthi kusaphele isithuba sezinsuku eziyishumi nambili nje ngiyile ukuyokhuleka eJerusalema.

12Akukho namunye owangifica ngiphikisana namuntu, kumbe ngisusa isiphithiphithi ebantwini, ethempelini ngisho nasemasinagogeni naphakathi komuzi.

13Akukho nabufakazi abangabuveza kuwe obusekela lokho asebengethwese icala ngakho.

14Kepha nakhu engikuvuma phambi kwakho: Ngikhonza uNkulunkulu wokhokho ngaleyondlela yenkolo abayibiza laba ngeqembu loqhekeko. Ngikukholwa konke okulotshwe emthetweni kaMose nasemibhalweni yabaphrofethi.

15Nami nginethemba kuNkulunkulu ngibheke khona lokho okubhekwe nayibo imbala, ukuthi abalungileyo ngisho nabangalungile bayovuka ekufeni.

16Ngakhoke ngizama ngamandla ami onke ukuziphatha kahle, unembeza wami uhlale umsulwa phambi kukaNkulunkulu nabantu.

17“Ngabuyela kwabakithi emuva kweminyaka eminingi ukuba ngibahambisele isipho semali, ngethule neminikelo.

18Kuthe ngisakwenza lokho, bangifica ethempelini sengilifezile isiko lokuhlanjululwa. Kwakungekho sixuku sabantu nasidumo,

19kodwa kwakukhona amaJuda athile ayevela kwelaseAsiya; yiwo obekufanele eze lapha angimangalele uma kukhona okuthile angisola ngakho.

20Noma-ke kungakuhle ukuba bona laba basho ukuthi nganginacala lini abalithola kimi mhla ngiphambi komkhandlu,

21ngaphandle kwento eyodwa engayisho ngimi phakathi kwabo ngimemeza ngithi: ‘Ngilapha nje phambi kwenu namuhla ngithweswe icala, ngoba ngithi kukhona ukuvuka kwabafileyo.’ ”

UPawula ugcinwa esigodlweni

22Nakuba uFeliksi wayenolwazi olubanzi mayelana nendlela yenkolo, walihlehlisa icala wathi: “Lelicala lenu ngiyolinquma mhla sekufike uLisiya.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Wayesethuma induna ukuba ilonde kahle uPawula kodwa akhululeke,
kuvunyelwe nezihlobo zakhe zimsize kulokho akudingayo.

24Ngemuva kwezinsukwana uFeliksi kanye nomkakhe uDrusila owayengumJuda,
wafike wabiza uPawula efuna ukuchazelwa ngalenkolo ethi uJesu unguMesiya.

25Kepha kwathi uPawula esaqhubeka nokulanda ngokulunga nangokuzithiba
nangokwahlulelwa okuzayo, uFeliksi washaywa uvalo, wathi: “Kwanele
okwamanje, ungahamba! Ngiyobuye ngikubize uma ngithola ithuba.”

26Kunjalo nje ebheke ukuthi uPawula uzogwaza kuye, ngakhoke wayedamane
embiza akhulume naye.

27Isikhundla sikaFeliksi sathathwa nguPhokhiyu Festu emuva kweminyaka
emibili. UFeliksi wayefuna ukuzenza muhle emaJudeni, wamshiya kanjalo
uPawula eboshiwe.

ImiSebenzi 25

UPawula ulidlulisela kuKhesari eRoma

1Kuthe sekuphele izinsuku ezintathu uFestu efikile esifundeni sakhe, wasuka
eKhesariya wenyukela eJerusalema.

2Izikhulu zabaphristi nabaphathi bamaJuda baya bafike bammangalela uPawula.
Bamncenga uFestu

3ukuba abazwele kulandwe uPawula alethwe eJerusalema. Phela base bakhe
uzungu lokumbulalela endleleni.

4UFestu waphendula wathi: “UPawula usejele eKhesariya, kepha ngizosheshe
ngibuyele khona.

5Ngakhoke abayizikhulu phakathi kwenu bangahamba nami sehlele eKhesariya,
bafike bammangalele uma kukhona akwenzileyo.”

6Kuthe uFestu esehlale nabo izinsuku ezingeqile kweziyisiphohlongo noma
eziyishumi, wasuka wehlela eKhesariya. Ngakusasa waya esigcawini samacala,
wafike wathi akulethwe uPawula.

7Wafika kwase kusuka amaJuda ayevela Jerusalema, ambunganyela ambeka
amacala amaningi anzima, kodwa engenabufakazi bawo.

8Waziphendulela wathi: “Anginacala, angenzanga lutho oluphambene nomthetho
wamaJuda nethempeli ngisho nengonyama yombuso waseRoma.”

9UFestu wayekuthanda ukuzenza muhle emaJudeni; ngakhoke wathi kuPawula;
“Uyathanda yini ukuya eJerusalema, ngiwaqule khona lawamacala akho na? ”

10UPawula waphendula wathi: “Ngimi lapha esigcawini sengonyama, lapho
kumele kuqulwe khona icala lami. Akukho lutho engiwone ngalo amaJuda,
njengoba nawe uqobo wazi kahle.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Uma ngitholakala nginecala okufanele ngiligwetshelwe ukufa, angikubalekeli ukubulawa. Kodwa uma kungekho engilahlwa ngakho kulawamacala abangimangalela ngawo, akakho onganginikela kubo. Icala lami ngilidlulisela engonyameni yaseRoma.”

12Kuthe uFestu esebonisene nesigungu sakhe wathi: “Uthe ulidlulisela engonyameni; kulungile-ke dlulela engonyameni! ”

UPawula uphambi kukaAgripha noBhenise

13Emuva kwezinsukwana inkosi uAgripha noBhenise bafika eKhesariya bevakashele uFestu.

14Bahlala lapho izinsukwana, uFestu walandisa inkosi ngodaba lukaPawula wathi: “Nginendoda lapha eyashiywa nguFeliksi iboshiwe.

15Kuthe sengifikile eJerusalema izikhulu zabaphristi nezigele zamaJuda zafike zayimangalela, zacela ukuba ngiyigwebe.

16Kepha ngabaphendula ngathi akusilo isiko lethu thina maRoma ukuba sinikele ngomuntu kulabo abamethwesa icala, engakabhekani nabo esigcawini, athole ithuba lokuziphendulela kulelocala.

17Kuthe ukuba bafike lapha angachitha sikhathi, ngakusasa ngaya esigcawini samacala, ngafike ngathi ayilethwe lendoda.

18Abamangali basukumile, kepha kabavezanga lutho olubi lwalokho ebengikulindele.

19Kuphela nje baveza okuyizindaba abaphikisana nayo ngazo, izindaba eziphathelene nendlela yabo yokukhonza uNkulunkulu neziphathelene nothile osewafa okuthiwa nguJesu, kodwa uPawula aqinisa ngokuthi uyaphila.

20Kwathi ngisadidekile ukuthi kazi ngizoliqula kanjani lelicala, ngase ngimbuza uPawula ukuthi angathanda yini ukuya eJerusalema abhekane nalamacala khona.

21Kepha waqoka ukulidlulisa, agcinwe alindele ukuba icala lakhe linqunywe yingonyama uKhesari, ngase ngithumela ukuba agcinwe ngize ngimdlulisele kuyo.”

22UAgripha wathi kuFestu: “Nami ngingathanda ukumuzwa lomuntu.” UFestu wamphendula wathi: “Uyomuzwa kusasa.”

23Ngakusasa uAgripha noBhenise bafika bevunule beconsa, kwanodumo olukhulu, bangena endlini yemibuthano kanye nabaphathi bamabutho neziphakanyiswa zomuzi. UFestu wathumela ukuba isiboshwa uPawula singeniswe,

24wathatha wathi: “Nkosi, nani nonke madoda enikhona lapha! Ake nimbheke lo! Wonke umphakathi wamaJuda, awaseJerusalema nawalapha, afikile ethula izikhalo kimi ngalomuntu, ememeza ethi makafe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Ngokubona kwami, lomuntu akenzanga lutho olufanele ukuba agwetshwe afe.
Njengoba naye usezicelele ukuba icala lakhe lidluliselwe engonyameni yaseRoma,
senginqume ukumthumela kuyo.

26Akukho lutho olutheni engingalusho ngaye uma sengilobela ingonyama.
Ngakhoke sengimlethe lapha kini — ikakhulu kuwe wena wakomkhulu! — ukuba
ngithole engingakuloba ngaye uma seliquliwe icala lakhe.

27Phela ngibona kuwubuthutha ukuthumela isiboshwa ngaphandle kokukhomba
icala esilethwesiweyo.”

ImiSebenzi 26

UPawula uziphendulela phambi kwenkosi uAgripha

1Inkosi uAgripha yathi kuPawula: “Usungakhuluma wendlale udaba lwakho.”
UPawula wayikhulekela waphakamisa isandla, waziphendulela wathi:

2“Ngizibongela lenhlahla enkulu kangaka yokuba ngime phambi kwakho, wena
wakomkhulu, ngiziphendulele namuhla kukho konke amaJuda angimangalela
ngakho,

3ikakhulu njengoba uyingcweti ewaziyo onke amasiko amaJuda nezindaba
aphikisana ngazo. Ngakhoke ngizocela ukuba ungibekezelele, ungizwe.

4“Onke amaJuda ayazi ukuthi ngikhule kanjani kusukela phansi ebuncaneni bami.
Ngikhulele phakathi kwesizwe sakithi naseJerusalema.

5Akwazi kudala — uma engase angifakazele — ukuthi kwasekusukeni
ngangingoweqembu lenkolo yethu elazisa umthetho kakhulu kunabanye,
ngingumfarisi.

6Ngimi lapha ngithweswe icala, ngoba nginethemba lalokho uNkulunkulu
ayekwethembise kokhokho.

7Yiso lesosethembiso esibhekwe yizizwe eziyishumi nambili zabantu bakithi
ezethemba ukuba sigcwaliseke, njengoba zilokhu zimkhonza uNkulunkulu imini
nobusuku. Ngenxa yalelithemba angimangalele amaJuda, wena wakomkhulu!

8Kwenziwa yini ukuba kube lukhuni kinina maJuda ukukholwa ukuthi
uNkulunkulu uyabavusa abafileyo na?

9“Mina lo, ngangikubona kufanele ukuba ngiphikisane negama likaJesu
waseNazaretha ngamandla ami onke.

10Ngakwenza lokhu eJerusalema. Izikhulu zabaphristi zangigunyaza ngavalela
ejele abakholwayo abaningi. Nalapho begwetshwa ukuba bafe, nami ngavumelana
nalokho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Ngabajezisa kaningi emasinagogeni ngamasinagoge, ngibaphoqa ukuba bahlambalaze uNkulunkulu. Ngabathukuthelela ngaze nganikela emizini esekudeni ngibazingela.

UPawula ulanda ngokuphenduka kwakhe

(ImiSeb 9:1-19; 22:6-16)

12“Ngaya ngiyihlosile lento emzini waseDamaseku, izikhulu zabaphristi zingigunyazile ukuba ngiwuqhube lomsebenzi.

13Kuthe eminibebade ngisendleleni, wena wakomkhulu, ngabona ukukhanya okwedlula ukukhanya kwelanga. Kwavela ezulwini, kwangizuma nxazonke mina kanye nalabo engangihamba nabo.

14Safumbeka phansi sonke, ngase ngizwa izwi likhuluma kimi ngesiHebheru lithi: ‘Sawuli, Sawuli! Ungizingelelani na? Uyozisola ngenkani yakho, uzolimala njengenkabi ikhahlela ubhoko.’

15Ngabuza ngathi: ‘Ungubani wena Nkosi na? ’ Yangiphendula iNkosi yathi: ‘NginguJesu omzingelayo.

16Sukuma! Ngizibonakalisile kuwe ngakuqoka ukuba ube yinceku yami, ufakaze ngalokho okubonile ngami nangalokho engisazozibonakalisa ngakho kuwe.

17Ngiyokuhlenga singakuthinti isizwe sakwaIsrayeli nabezizwe engiyokuthumela kubo

18ukuze ubavule amehlo baqonde, basuke ebumnyameni baphendukele ekukhanyeni, baphephe emandleni kaSathane baye kuNkulunkulu, bakholwe kimi bathethelelwe izono, badle ifa kanye nabangcwele bakaNkulunkulu.’

UPawula ulanda ngokushumayela kwakhe emaJudeni nakwabezizwe

19“Ngakhoke, wena wakomkhulu, ngalalela, ngenza lokho engakutshelwa nxa ngibona umbono ovela ezulwini.

20Ngashumayeza abaseDamaseku kuqala, ngadlulela eJerusalema nakulo lonke elaseJudiya nakwabezizwe, ngithi abaguquke baphendukele kuNkulunkulu, benze imisebenzi efanele abaphendukileyo.

21Yilesisizathu esenza ukuba amaJuda angibambe ethempelini, ezama ukungibulala.

22Njengoba ubengisiza uNkulunkulu kuze kube namuhla, ngimi lapha ngifakaza kubantukazana nezikhulu. Angisho lutho ngaphandle kwalokho okwashiwo ngabaphrofethi noMose ukuthi kuyokwenzeka,

23kokuthi uMesiya uyohlushwa, nokuthi uyoba yingqalabutho evuka kwabafileyo, ashumayeze amaJuda nabezizwe ngokukhanya okuyinsindiso kaNkulunkulu.”

UPawula ukhuthaza Agripha ukuba akholwe

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24Kuthe uPawula esaziphendulela ngalamazwi, uFestu wamemeza wathi: “Suka Pawula, uyahlanya! Imfundo yakho iyakuhlanyisa.”

25Kepha uPawula waphendula wathi: “Qha mhlonishwa, angihlanyi. Lokhu engikushoyo kuyiqiniso elimsulwa, futhi kunomqondo ohluzekile.

26Ingonyama iyakwazi konke lokhu, ngakhoke ngikhuluma ingcaca phambi kwayo. Angisho ukuthi kukhona nokuncane kwalezizinto engahlala ingakwazi, ngoba akwenzekanga esitha.

27Wena wakomkhulu! Uyakukholwa lokhu okushiwo ngabaphrofethi na? Ngiyazi ukuthi uyakholwa.”

28Inkosi uAgripha yathi kuPawula: “Usho ukuthi ngalesisikhashana nje usungase ungiphendule ngibe ngumKristu! ”

29UPawula wathi: “Nakuba sisifushane nakuba siside, benginganxusa kuNkulunkulu ukuba nani nibe yilokhu engiyikho, kungabi nguwe wedwa kuphela kepha nabo bonke abangizwayo namuhla; nokho kodwa ningabi yiziboshwa njengami.”

30Yayisisukuma inkosi kanye nolusibalukhulu noBhenise nabo bonke ababelapho.

31Kwathi sebephumele phandle, bafakana imilomo bathi: “Lomuntu kanacala; akenzanga lutho ukuba usengaze agwetshwe afe kumbe afakwe ejele.”

32UAgripha wayesethi kuFestu: “Lomuntu ubungamdedela ukuba icala lakhe akalidluliselanga engonyameni eRoma.”

ImiSebenzi 27

UPawula uhamba ngomkhumbi uya eRoma

1Kuthe sekunqunyiwe ukuthi sohamba ngomkhumbi siye kwelaseNtaliyane, uPawula nezinye iziboshwa banikezwa uJuliyu owayeyinduna kulelobutho lempi yamaRoma okwakuthiwa yiButho leNgonyama.

2Sakhwela emkhunjini waseAdramithiyo owawulibangise emathekwini kwelaseAsiya. Sasihamba noAristakho owayevela emzini waseThesalonika eMasedoniya.

3Ngakusasa safika sethula emzini waseSidoni. Induna uJuliyu yayimphethe kahle uPawula, yamvumela ukuba abonane nabangane bakhe, bamnakekele.

4Sasuka lapho ngomkhumbi. Sasibhekene nomoya, ngakhoke sase sigudla isiqhingi saseSayiphro ohlangothini lapho kwakusithe ngakhona.

5Sadabula olwandle sadlula ngaphandle kwelaseSilisiya nelasePhamfiliya, safike sethula emzini waseMira kwelaseLisiya.

6Induna yathola lapho umkhumbi waseAleksandriya owawulibangise kwelaseNtaliyane, yasikhweza kuwo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Ngenxa yesiphepho santweza ngokunensa izinsuku eziningana, sacacamezela sadlula umuzi waseKhinido. Savimbeleka ukuba siqhubekele phambili, ngakhoke sajika saqonda esiqhingini saseKhrethe, sadlula ngasenhlonhlweni yaso okuthiwa yiSalimone, sagudla sisithwe yisiqhingi.

8Sanamathela ogwini, sase sifika endaweni okuthiwa kuseMathekumahle kudebuduze nomuzi waseLaseya.

9Kwalibaleka impela lapho kwabonakala kunengozi enkulu ukuphikelela uhambo, ngoba kwase kuze kwadlula ngisho nosuku lokuzila ukudla ekwindla. Ngakhoke uPawula wabeluleka

10wathi: “Madoda, ngiyabona ukuthi loluhambo luzoba nengozi nomonakalo omkhulu. Kuyolimala impahla nomkhumbi, naphezu kwalokho kungase kufe nabantu imbala.”

11Induna yamabutho ayaze yamnaka kepha yalalela okushiwo ngumphathi womkhumbi nomnikazi wawo kunamazwi kaPawula.

12Itheku lelo lalilungele ukuba kungeniswe kulo ebusika. Ngakhoke iningi lamadoda lanquma ukuba kuphunywe ethekwini, kuhanjwe ngomkhumbi, bazame ukufinyelela emzini waseFeniksi, bahlale lapho kuze kudlule ubusika. Lomuzi uyitheku laseKhrethe elibheke eningizimu-ntshonalanga nasenyakatho-ntshonalanga.

Isivunguvungu olwandle

13Kwaheleza umnyelela weningizimu. Ngakhoke babethemba ukuthi izophumelela lenhloso yabo, base bekhuphula ihange, bagudla ugu lwaseKhrethe.

14Lasheshe labuyisa isivunguvungu esinamandla esithiwa yinyakatho-mpumalanga, sakhwishiza siqhamuka esiqhingini.

15Sawuphephula umkhumbi semuka nawo. Ngakhoke thina esasikuwo sawudedela wazibonela wapheshulwa wumoya.

16Saphepha isikhashana sisasithwe yisiqhingana okuthiwa yiKhawuda, sahlenga isikebhe somkhumbi ngomcacamezelo omkhulu.

17Amatilosi akhweza isikebhe phezu komkhumbi. Ayesephuthuma izindophi azithandela emkhunjini awugiga ngazo. Ayenqene ukuthi umkhumbi ungahle ukhahleleke ubhajwe ezindundumeni zesihlabathi zaseSirti ngasogwini lwaseLibhiya. Ngakhoke agebisa oseyili, awudedela umkhumbi wazintantela olwandle.

18Thina sabe silokhu sibhenguzwe yisiphepho, ngakusasa amatilosi ayesekhipha impahla emkhunjini ayijikijela olwandle.

19Ngomhlomunye azibambela mathupha, alahla ngisho nempahla yokugwedla umkhumbi imbala.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Izulu lalilokhu liguqubele izinsuku eziningi, singasaboni langa nankanyezi, isivunguvungu silokhu siphikelele sibhoka. Ekugcineni kwaphela lonke ithemba lokuthi sisayosinda.

21Kwase kubaba imilomo emadodeni engasakwazi okuya ngasethunjini. UPawula wasukuma wema phambi kwawo wathi: “Madoda, ukuba ningilalele nangasuka eKhrethe, ibingeke isivelele lengozi nalomonakalo.

22Kepha manje ngithi: Yimani isibindi! Akuzukubhubha muntu sizofelwa ngumkhumbi kuphela.

23Kulobubusuku obudlule kufike kimi ingilosi kaNkulunkulu engingowakhe nengimkhonzayo,

24yathi: ‘Yima isibindi Pawula, ungesabi! Nakanjani uyokuma phambi kwengonyama eRoma. Ngenxa yakho uNkulunkulu uzobahawukela nalaba ohamba nabo, basinde bonke.’

25Ngakhoke madoda, yimani isibindi! Ngiyamethemba uNkulunkulu ukuthi kuzoba njengoba ngitsheliwe,

26ulwandle lusichithe ogwini lwesiqhingi esithile.”

27Kwaze kwaba ngobusuku beshumi nane sisantanta olwandle iMedithera, sipheshulwa yisivunguvungu. Kuthe sekuphakathi kwamabili, amatilosi afikelwa ngumqondo wokuthi sesisondela ogwini oluthile.

28Acwilisa ubhoko lokuzwa amanzi, athola ukuthi kujule ngamamitha okungathi angamashumi amane. Saqhubekela phambili kancane, abuye alucwilisa, athola sekujule ngamamitha okungathi angamashumi amathathu.

29Angenwa uvalo lokuthi umkhumbi ungase ushayise emadwaleni amabi. Ehlisa amahange amane esinqeni somkhumbi, ethi kuyosa nini.

30Amatilosi azama ukweqa emkhunjini, ngakhoke ehlisela isikebhe olwandle ngezaba zokuthi azocwilisa amahange nasekhaleni lomkhumbi.

31Kodwa uPawula wathi enduneni nasemabuthweni ayo: “Uma lamatilosi engahlali emkhunjini, ningeze nasinda.”

32Amabutho ayesenqamula izindophi okuboshwe ngazo isikebhe, asidedela sawa.

33Kwathi besabheke ukuthatha kokusa, uPawula wabakhuthaza bonke ukuba badle, wathi: “Sekuwusuku lweshumi nane nihlezi nilambile ningadle lutho.

34Ngakhoke ngiyaninxusa ukuba nizame ukuthola okuya ngasethunjini, ngoba lokhu kudingekile ukuze nisinde. Akukho muntu kinina oyoba nomyocu.”

35Esekushilo lokhu wathatha isinkwa, wabonga kuNkulunkulu phambi kwabo bonke, wasihlephula wadla.

36Bonke bakhuthazeka, base bedla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

37Sesisonke sasingabantu abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nesithupha emkhunjini.

38Kuthe sesidle sasutha bakhipha ukolweni, bawuthululela olwandle ukuze umkhumbi ube lula.

Ukulimala komkhumbi

39Kwathi sekusile, babona ugu lwendawo ethile ababeyiqabuka. Bathola ukuthi inetheku elinesihlabathi ogwini, base bethi ababhekise umkhumbi ngakhona, bazame ukuwumisa ogwini lolo.

40Base benqamula amahange, asala olwandle, khona lapho baqaqa izintambo okuboshwe ngazo amaphini aqondisa umkhumbi. Baphakamisa useyili wangaphambili ukuze umoya uqhube umkhumbi, base besuka beqonda ogwini.

41Kodwa umkhumbi watheleka endundumeni yesihlabathi ezungezwe ngamanzi, wabhajwa ngqi kuyo; ikhala lawo lagxumekeka alathi nyaka, isinqe sawo sephulwa ngamadlambi saba yizicucu.

42Amabutho ahlanganisa icebo lokubulala iziboshwa ukuba kungaphunyuli nesisodwa esizohlamba sibaleke.

43Kepha induna yamabutho yayifuna ukumhlenga uPawula, ngakhoke yawanqanda kulelicebo lawo. Yatshela bonke labo ababekwazi ukuhlamba ukuba baziphose kuqala emanzini, bahlambe baye ogwini,

44abanye bese belandela, bebambelela emapulangweni nasezinqanyini zamapulangwe omkhumbi. Ngalendlela sasinda sonke, safinyelela ogwini.

ImiSebenzi 28

UPawula usesiqhingini saseMalta

1Kuthe lapho ingozi seyedlulile, sathola ukuthi sisesiqhingini saseMalta.

2Abomdabu balendawo basiphatha ngomusa ongavamile. Lalina isibhidli semvula, kumakhaza futhi, ngakhoke babasa umlilo, bathi asothe.

3UPawula watheza izinswani wakhwezela umlilo, kwase kuqhasha inyoka izwela umlilo, yamzawula yamnkonkoshela esandleni.

4Abantu bendawo babona lesisilokazane silenga esandleni sakhe, batshelana bodwa bathi: “Impela lomuntu ungumbulali! Nanxa esindile olwandle, kodwa unkulunkulu wethu uDikhe kamvumeli ukuba aphile.”

5Kepha uPawula wavuthuzela inyoka emlilweni akaba nalutho.

6Babelindele ukuba avuvukale kumbe ashayeke phansi afe. Kepha kwathi ukuba balindele isikhathi eside bengaboni lutho olwenzekayo kuye, baguqula umqondo bathi: “Lo ungunkulunkulu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Ngakuleyondawo kwakukhona imihlaba yomuntu okuthiwa nguPhubliyu, isiphakanyiswa sesiqhingi. Wasamukela kahle sangenisa kwakhe izinsuku ezintathu.

8Uyise kaPhubliyu wayelele phansi, ephethwe ngumkhuhlane nesisu segazi. UPawula wangena waya kuye, wafike wamthandazela wambeka izandla wamphilisa.

9Kamuva kwasuka nabanye abantu balesosiqhingi, bonke ababephethwe yizifo, baya kuPawula wafike wabaphilisa.

10Babonga kithi ngokusipha inqwaba yezipho, okwathi emuva kwesikhathi lapho sesihamba ngomkhumbi basipha esikudingayo.

UPawula ufika eRoma

11Kwadlula izinyanga ezintathu, sasuka ngomkhumbi waseAleksandriya owawukade uqhinqe esiqhingini ubusika bonke. Igama lawo lalikhonjiswe ngophawu lwezithixo ezingamawele.

12Safika emzini waseSirakhuse, sahlala khona izinsuku ezintathu.

13Sasuka lapho ngomkhumbi saze safika emzini waseRegiyu. Ngakusasa laphephetha iningizimu, ngomhlomunye safika emzini wasePhutheyoli oyitheku lemikhumbi.

14Safica abazalwane abasimema ukuba singenise kubo izinsuku eziyisikhombisa. Sahamba kanjalo saze satheleka eRoma.

15Abazalwane balapho base bezwile ngathi, basuka eRoma, baya emizaneni yaseAphi-Foru naseTresi-Thabene besihlangabezile. Kwathi ukuba uPawula ababone, wabonga kuMvelinqangi wema isibindi.

16Safika eRoma, uPawula wavunyelwa ukuzihlalela yedwa kanye nendoda yempi emelusayo.

UPawula ushumayela eRoma

17Kwadlula izinsuku ezintathu uPawula wabiza umhlangano wamaJuda aziwayo aseRoma. Kuthe esebuthene wathi kuwo: “Bazalwane, ngilapha nje ngaboshwa eJerusalema, nganikelwa esandleni samaRoma nanxa ngingenzanga lutho oluphambene nesizwe sakithi namasiko okhokho.

18AmaRoma angiphenya, efuna ukungidedela, njengoba kwakungekho mbandela ongangenza ngigwetshe ngife.

19Kepha amaJuda ala ukuba ngidedelwe, ngase ngiphoqeka ukuba ngidlulisele icala lami engonyameni, kepha ngalokho ngangingaqondile ukumangalela isizwe sakithi.

20Yingakho nje ngithandile ukuba ngibonane nani sikhulume. Ngalamaketango ngiboshelwe yena lowo oyithemba lesizwe sakwaIsrayeli.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Amphendula athi: “Besingakatholi ncwadi evela kwelaseJudiya ikhuluma ngawe,
futhi akukho muntu kwabakithi oseke wasibikela kumbe wasihlebela utho ngawe.

22Sibona kufanele sizwe ngawe ukuthi uthini; phela siyazi ukuthi lenkolo yakho
iphikiswa yonke indawo.”

23Ayesenquma usuku lokuba abonane naye. Ngalolosuku afika agcwala lapho
uPawula ayehlala khona. Kwasukela kusa kwaze kwayohlwa ewachazela efakaza
ngombuso kaNkulunkulu. Wawashumayeza ngoJesu, esusela emthethweni
kaMose nasemibhalweni yabaphrofethi, ezama ukuwabonisa.

24Amanye awo eneliswa ngamazwi akhe, kepha amanye enqaba ukukholwa.

25Ngakhoke kuthe esechitheka aphikisana odwa, ngemuva kokuba uPawula
esegcine ngokusho into eyodwa ethi: “Kanti wawuqinisile uMoya oyiNgcwele
lapho ukhuluma uqondise kokhokho benu ngomlomo womprofethi uIsaya,

26uthi: “ ‘Hamba uye kulesisizwe ufike uthi: Niyokuzwa uqobo lokuzwa kepha
aniyikuqonda, nibone uqobo lokubona kepha kunganikhanyeli.

27Ngoba sezaba lukhuni izinhliziyo zalesisizwe, badla umvimbandlebe, bavala
amehlo, ukuze bangaboni ngamehlo abo bezwe ngezindlebe zabo, izinhliziyo zabo
zihlakaniphe, baphenduke ngibaphilise.’

28“Ngakhoke kuhle nazi ukuthi sekuyiwe kwabezizwe, kwashunyayelwa kubo
indaba yokusindisa kukaNkulunkulu. Bayoyizwa-ke bona, bayamukele.”

[29Kuthe uPawula esekushilo lokhu, amaJuda aphuma ephikisana odwa kakhulu.]

30UPawula wahlala lapho isithuba esiyiminyaka emibili endlini ayeziqashele yona,
ebamukela bonke ababemvakashela.

31Wayeshumayela ngombuso kaNkulunkulu efundisa akhulume ngeNkosi uJesu
Kristu ngesibindi engathikamezwa muntu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ElaseRoma

ElaseRoma 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula inceku kaKristu Jesu owangiqoka ngaba umphostoli, wangihlukanisela ukushumayela indaba ethokozisayo evela kuNkulunkulu.

2Lendaba emnandi wayethembisa kudala ngomlomo wabaphrofethi bakhe abayiloba ezibhalweni ezingcwele.

3Iphathelene neNdodana yakhe eyazalelwa ebantwini, ulibo olwadabuka enkosini uDavide.

4Yavuswa kwabafileyo, okwayenza ukuba ibekwe ibe yiNdodana kaNkulunkulu inamandla amakhulu, ngenxa yobungcwele bomoya wayo. InguJesu Kristu iNkosi yethu.

5Ngenxa yayo uNkulunkulu wangenzela umusa ngaba ngumphostoli, ukuba ngize ngiholele kuyo zonke izizwe, ziyithobele zikholwe kuyo, kudunyiswe igama layo.

6Nani nibaliwe kwabezizwe, nina baseRoma eniqokwe uNkulunkulu ukuba nibe ngabakaJesu Kristu.

7Ngiyanibingelela nina nonke bandla elingcwele laseRoma elithandekayo kuNkulunkulu, nina enaqokelwa ukuba ngabakhe. Nginifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

UPawula ulangazelela ukuza ababone

8Okokuqala, nguJesu Kristu engibonga ngaye uNkulunkulu wami ngani nonke, ngoba ukukholwa kwenu kubatshazwa emhlabeni wonke.

9UNkulunkulu uyangifakazela ukuthi lokhu engikushoyo kuyiqiniso, yena engimkhonzayo ngenhliziyo yami yonke ngokushumayela indaba emnandi elanda ngeNdodana yakhe. Uyazi ukuthi angiphezi, ngihlala nginikhumbula

10njalo lapho ngikhuleka. Nginxusa ukuba ngigcine ngiphumelele ngithathe uhambo lokuza kini uma iNkosi ivuma.

11Ngilangazelela ukubonana nani ukuba nginabele isipho sokomoya, khona nizoqina ekukholweni.

12Engikuqondileyo ukukusho ukuthi: siyokhuthazana ngalokhukwenza, ukukholwa kwenu kungikhuthaze, nani nibuye nikhuthazwe ngokwami futhi.

13Kuhle nikhumbule bazalwane ukuthi nginkankanye kaningi ukuba nginihambele ngathiywa ngokuthile kuze kube manje, ekubeni bengifuna ukukha izithelo zokomoya phakathi kwenu, njengoba ngenzile kwabanye abangabezizwe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngisahlalelwe yicala lokushumayela kwabezizwe bonke, kulabo asebephucukile nakulabo abasengamaqaba, kulabo abafundile nakwabangafundile.

15Kungakho ngisha amashushu kangaka ukuba nginishumayeze indaba ethokozisayo nani baseRoma.

Amandla evangeli

16Ngigabe ngevangeli ngoba lingamandla kaNkulunkulu okusindisa bonke abakholwayo, amaJuda kuqala bese kulandela abezizwe.

17Evangelini kwembulwa ngokusobala ukuthi ukulunga kuvela kuNkulunkulu, kuqalisa kubuye kuphethe ngokukholwa, njengoba kulotshwe embhalweni kwathiwa: “Lowo obalelwa ukulunga uyophila ngokukholwa kwakhe ”.

Isintu sinecala kuNkulunkulu

18Kuvela ulaka lukaNkulunkulu ezulwini lwehlele abantu ngenxa yokona nobubi babo. Bonakele, bathiya iqiniso ukuba lingaziwa.

19Belu, lokhu obekufanele ukuba bakwazi ngoMvelinqangi kuthe bha, ngoba uMvelinqangi ukubeke kwaba sobala kubo.

20Ngoba selokhu awudala umhlaba kulokhu kukhona isu nendlela, abantu abangabona ngayo amandla akhe angunaphakade nobuNkulunkulu bakhe. Lobubunjani bukaNkulunkulu bungebonwe ngamehlo, kodwa bangakuphawula kuzo zonke izinto azidalileyo bafunde kuzo. Ngakhoke kabasenazaba abangazilandulela ngazo,

21ngoba phezu kokuba babemazi uMvelinqangi abamdumisanga kumbe bambonge njengoba kumfanele uNkulunkulu, kepha imicabango yabo yaphenduka uwangala nezingqondo zabo zobuwula zafiphazeka.

22Phezu kokuba babezisho ukuthi bahlakaniphile, kodwa baphenduka iziwula.

23Badikila ukukhonza uMvelinqangi ongafiyo, baguqela izithixo ezibaziweyo ezifuze abantu ababuye bafe, nezinyoni nezilwane ezigaqa ngazo zozine nezilwane ezihuquzelayo.

24Ngakhoke uNkulunkulu wabayekelela emanyaleni ezinkanuko zezinhliziyo zabo bangcola, bagilana imikhuba ngemizimba yabo.

25Baguqula okuyiqiniso ngoMvelinqangi bakwenza amanga, baguqa ukuba bakhonze okudaliweyo esikhundleni sokuba bakhonze uMdali, obongekayo ungunaphakade. Ameni.

26UNkulunkulu wabayekelela ngaso lesisizathu, baye bangena nyi ekulabathekeni okuyichilo. Nabesifazane babo imbala baguqula ubulili babuphambanisa nemvelo balalana bodwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Kanjalo nabesilisa bayeka umkhuba owejwayelekileyo owenziwa kowesifazane babhoka ngokukhanukelana bodwa, amadoda alalana namadoda, base bezibangela emizimbeni yabo isijeziso esilingana nokonakala kwabo.

28Njengoba babengazange bazihluphe ngokumazi uNkulunkulu, wabayekelela uNkulunkulu engqondweni yobulwane eyenza izinto eziphambeneyo zodwa.

29Bagcwele konke ukungalungi nokonakala nomhobholo nobubi, bavame umona nokubulala nokuphikisana nenkohliso nenhliziyo embi. Bayahleba,

30bayagxekana, bazonda uNkulunkulu, bayedelela, bakhukhumele, bayagabaza, basungula amaqhinga amabi, ababalaleli abazali.

31Kabanangqondo, izethembiso zabo kabazigcini, kabanamusa nasihe.

32Yize besazi isimiso sikaNkulunkulu esithi abenza izinto ezinje balingenwe ukufa, kabagcini ngokuzenza kuphela kepha babuye bavumelane nabazenzayo.

ElaseRoma 2

Ukwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu

1Kawunazaba zokuzilandulela wena muntu noma ngabe ungubani lapho wahlulela. Uzilahla wena lapho wahlulela omunye ngoba uthi wehlulela ube ukwenza lokho nawe akwenzayo.

2Siyazi ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kufanele lapho ehlulela abantu abenza izinto ezinje.

3Uzitshelelani we muntundini ukuthi uyophepha ekwahluleleni kukaNkulunkulu, kodwa ube uzenza lezizinto owehlulela abanye ngazo na?

4Kumbe wedelela uNkulunkulu owedlulele kangaka ngobumnene nokubekezela nesineke sakhe na? Awazi yini ukuthi inhloso yobubele bukaNkulunkulu ukuba uphenduke na?

5Kodwa ngenxa yobulukhuni benhliziyo yakho engaphendukiyo uziqongelela ulaka mhla wentukuthelo lapho kuyokwambulwa khona ukwahlulela okulungileyo kukaMvelinqangi.

6Uyakubavuza ngamunye njengokwemisebenzi yabo.

7Labo abakhuthazela ukwenza okuhle bafune kuNkulunkulu inkazimulo nodumo nokuphila okuphakade bayophiwa lokhukuphila kwafuthi.

8Kodwa labo abagombela kwesabo, bengalithobeli iqiniso kepha bevumela ububi, bayokwehlelwa ulaka nentukuthelo.

9Lababantu abenza okubi bayofikelwa usizi nobuhlungu, kuqale ngomJuda bese kuba ngowezizwe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Kodwa bayothola inkazimulo nodumo nokuthula bonke abenza okuhle, kuqalise ngomJuda bese kulandela owezizwe.

11UNkulunkulu akabandlululi.

12Bonke abenze isono bengenawo umthetho bayodlula babhubhe ngaphandle komthetho, kepha abenze isono umthetho bewuphethe bayokwahlulelwa ngomthetho.

13Akusibo abezwa umthetho okuyibona belungile phambi kukaNkulunkulu, kodwa ababalelwa ukulunga, yilabo abakwenzayo okushiwo umthetho.

14Abezizwe basuke bengawazi umthetho kaMose, kepha inzwa yemvelo yabo iyaye ibatshele ukuba benze okulungileyo. Ngalokho bayakhombisa ukuthi umthetho usegazini kubo, noma bengawazi umthetho kaMose.

15Ukwenza kwabo kukhombisa ngokusobala ukuthi lokhu okufunwa ngumthetho kulotshiwe ezinhliziyweni zabo. Onembeza babo bayakufakazela lokhu, lapho imicabango yabo ifika ngokudedelana ibamangalela kumbe ibavuna.

16Lento iyohlaluka mhla wokuphela lapho uMvelinqangi eyokwahlulela ngoJesu Kristu kudalulwe izimfihlo zabantu, njengoba kulandwa kulendaba ethokozisayo engiyishumayelayo.

AmaJuda nomthetho

17Wena-ke ozigqaja ngokuthi ungumJuda, wencike emthethweni, uyabadlelesela abanye ngobudlelwane bakho noNkulunkulu.

18Phela wena uyayazi intando yakhe, ukwazi nokwehlukanisa ukhethe okulungileyo njengoba ufundiswe ngumthetho.

19Wena uzethembile phela uhola abayizimpumputhe, ukhanyisela abasemnyameni,

20uvula ingqondo yabayiziwula, ufundisa abangazi lutho, ngoba wena uneqoqo lolwazi neqiniso emthethweni.

21Wena-ke ofundisa abanye, uke uzifundise nje wena na? Wena othi akungebiwa, awebi na?

22Wena othi kubantu mabangaphingi, awuphingi na? Wena owenyanya izithixo, awukuphangi okwasethempelini na?

23Wena ozigabisa ngomthetho, awumdumazi uNkulunkulu ngokwephula umthetho na?

24Kulotshiwe embhalweni ukuthi: “Nibanga ukuba igama likaNkulunkulu lihlambalazeke phakathi kwabezizwe nina maJuda.”

25Ukusoka kunenzuzo uma uwulandela umthetho, kepha uma weqa umthetho unjengomuntu ongazange asoke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Uma umuntu ongasokile egcina izimiso zomthetho, akayukubalwa njengosokileyo na?

27Ongazange asoke emzimbeni kodwa ewugcina umthetho, uyokulahla ngecala wena mJuda ophethe umthetho olotshwe phansi, uhlonipha nosiko lokusoka, kepha ube uyisaphulamthetho.

28UmJuda woqobo akusiyena ongumJuda ngezinqotho, nokusoka kwangempela akusikhona lokhu okubonakala ngenxeba emzimbeni.

29Umuntu ungumJuda wempela uma enguye ngengaphakathi lakhe, okusoka kwakhe kungokwenhliziyo, eshaywe uphawu nguMoya oyiNgcwele, kepha kungayi ngomthetho olotshwe emibhalweni engcwele. Ukutuswa atuswa ngakho lomuntu akuveli kubantu kepha kuvela kuNkulunkulu.

ElaseRoma 3

1Kanti kuyini angcono ngakho umJuda? Kunanzuzoni ukusoka na?

2Kunayo kakhulu ngazo zonke izindlela. Okokuqala ukuthi uNkulunkulu uphathise amaJuda amazwi akhe.

3Kunani pho, uma amanye kuwo ayengakholwa? Ukungakholwa kwawo kwakungase kukuguqule yini ukwethembeka kukaNkulunkulu na?

4Qha nakanye! Kuhle kwazeke ukuthi uNkulunkulu uqinisile kepha wonke umuntu ungumuntu wamanga, njengoba kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “Nkulunkulu, makuvele obala ukuthi ulungile emazwini owashoyo, unqobe nalapho wahlulelwayo.”

5Siyothini uma ngabe ukungalungi kwethu kuqhakambisa ukulunga kukaNkulunkulu na? Siyothi uNkulunkulu wenza okungeyikho uma ehlisela ulaka lwakhe phezu kwethu na? (Ngibuzisa okomuntu walapha emhlabeni.)

6Akunjalo neze! Ukuba bekunjalo uNkulunkulu ubeyowahlulela kanjani umhlaba na?

7Kepha uma amacebo ami elenzile ukuba livame iqiniso likaNkulunkulu, kwanda nodumo lwakhe, pho sizathu sini esenza ukuba ngibe ngisehlulelwa njengesoni na?

8Akushiwo ngani kuthiwe: “Asenze ububi nce kuvele okuhle! ” njengoba besho njalo abathile abasinukubezayo na? Bayokwahlulelwa ngakhona kubafanele.

Akakho noyedwa olungileyo

9Singabuye sithini? Singcono ngani kunabanye thina maJuda na? Cha, ngalutho! Sengike ngalikhipha elimangalela bonke abantu, umJuda kanye nowezizwe, ngathi baphansi kwamandla esono.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Kulotshiwe embhalweni kwathiwa: “Akukho muntu olungileyo, qha, ngisho noyedwa vo.

11Akakho noyedwa oqondayo, nozihlupha ngokufuna uNkulunkulu.

12Bonke baphambukile bonakele, akakho noyedwa owenza okuhle, phinde, akakho namunye.

13Umphimbo wabo uyiliba elivuliweyo, bakhohlisa ngezilimi zabo, bathukusa isihlungu semfezi ezindebeni zomlomo wabo.

14Umlomo wabo ugcwele ukuqalekisa nabo bonke ubumuncu.

15Basukela phezulu ukuyochitha igazi,

16emikhondweni abahamba kuyo badala incithakalo nosizi.

17Inhlalo yoxolo kabayazi.

18UNkulunkulu abamesabi abamshayi mkhuba.”

19Siyazi ukuthi lokho okushiwo ngumthetho usuke ukubhekise kulabo abangaphansi komthetho, ukuba inkukhu inqunywe umlomo, umhlaba wonke uhlale ulahlwe yicala phambi kukaNkulunkulu.

20Akukho ngisho namunye oyothethwa yicala ngoba egcine umthetho ngokupheleleyo, ngoba okudalwa umthetho kumuntu yisazela sokona.

Ukulunga okungokukholwa

21Kepha manje ukulunga kukaNkulunkulu kubonakalisiwe ngokwakho kodwa, kwehluswa emthethweni, nokho umthetho nabaphrofethi bakufakazela.

22Lokhukulunga okuvela kuNkulunkulu kuya ngokukholwa kuJesu Kristu; kungokwabo bonke abakholwayo. Ngoba lapha akukho mahluko.

23Bonke abantu bonile, bemukwe inkazimulo ababeyamukele kuMvelinqangi,

24liyabathetha icala labo, ngenxa yomusa wakhe oyisipho nangenxa yokuhlengwa uKristu Jesu abahlenga ngakho.

25UNkulunkulu wamethula waba ngumhlatshelo, igazi lakhe laba yinhlawulo yezono zabantu ukuba bathethelelwe lapho bekholwa kuye. UNkulunkulu wakwenza lokhu ukuba akhombise ukulunga kwakhe ngoba ezikhathini ezedlulileyo wakuyekelela ukona kwabantu akaze abajezisa.

26UNkulunkulu wabekezela efuna ukubonisa kulesisikhathi samanje ukuthi yena ulungile nokuthi uyamthetha ngecala lowo okholwa kuJesu.

27Kuphelelaphi ukuzincoma kwethu? Kuphela nya. Ngani? Ngabe kuthintene yini nokuwugcina noma ukungawugcini kwethu umthetho na? Qha, kungoba sithethwa yicala ngokukholwa kodwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Silimisa ngesihloko elokuthi umuntu uyaye athethwe yicala ngokukholwa,
ngaphandle kokufeza imisebenzi yomthetho.

29Ngabe uNkulunkulu ungowamaJuda odwa na? Akayena nowabezizwe na? Yebo,
ungowabo nabo abezizwe,

30njengoba uMvelinqangi emunye; nguye oyobathetha ngecala abasokileyo uma
bekholwa, abuye futhi abathethe ngecala abangasokile uma bekholwa.

31Asiwuphozisi yini umthetho kaMose ngalokhukukholwa na? Cha, nakanye!
Empeleni siyawuqinisa umthetho.

ElaseRoma 4

UAbhrahama uyisibonelo sokukholwa

1Siyothi kwaba njani kukhokho uAbhrahama kuloludaba na?

2Uma uAbhrahama wathethwa ngenxa yemisebenzi yakhe unazo izaba
angazincoma ngazo, kodwa angekwenze lokho phambi kukaNkulunkulu.

3Umbhalo ongcwele uthini na? Uthi: “UAbhrahama wakholwa kuNkulunkulu,
kwase kubalelwa kuye ukulunga.”

4Kulowo osuke eqashiwe esebenza, iholo lakhe usuke engaliphiwa kepha lisuke
liyimfanelo yakhe.

5Kodwa lowo okungekho misebenzi angayiveza phambi kukaNkulunkulu, kepha
ekholwa kulowo obathetha ngecala abangalungile, kubalelwa kuye ukulunga
ngokukholwa kwakhe.

6UDavide usho kanjalo lapho ekhuluma ngokubusiseka komuntu uNkulunkulu
abalela kuye ukulunga ngaphandle kwemisebenzi angayiveza.

7Uthi: “Babusisiwe labo abathethelelwa izono zabo zokweqa umthetho,
kwagqitshwa ukona kwabo.

8Ubusisiwe lowomuntu uSimakade ongaseyukumbalela isono.”

9Lesisibusiso ngabe sehlela abasokileyo kuphela, noma ngabe sehlela
nabangasokile na? Ingani sithe ukukholwa kuka-Abhrahama kwabalelwa kuye
kwaba ukulunga.

10Wakubalelwa enjani? Wayesesokile noma wayengakasoki na? Akakubalelwanga
esesokile, kepha lokhu kwenzeka engakasoki.

11Wasokwa-ke, lokhukusoka kwakhe kwase kumshaya uphawu lwalokhokulunga
ayesekuthole ngokukholwa engakasoki. Kungakho nje enguyise wabo bonke
abakholwayo bengakasoki, kubalelwe nakubo ukulunga.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Unguyise futhi wabasokileyo, okungekhona ukuthi basokile nje kuphela kodwa balandela emikhondweni yalokhokukholwa ayenakho ubaba uAbhrahama engakasoki.

Okuthenjiswe nguNkulunkulu kwamukelwa ngokukholwa

13UNkulunkulu wethembisa uAbhrahama nabozalo lwakhe ukudla ifa lomhlaba. Lesisethembiso asenziwanga ngoba uAbhrahama elandela umthetho, kepha saba khona ngoba wakholwa kuNkulunkulu kwase kubalelwa kuye ukulunga.

14Uma kanti izindlalifa kuzoba ngabalandela umthetho, kusho ukuthi ukukholwa akunamsebenzi walutho, nesithembiso asiphethe lutho.

15Umthetho ubanga ulaka lukaNkulunkulu, kepha lapho kungekho mthetho khona, umthetho aweqiwa.

16Ngakhoke isethembiso sifika ngokukholwa, ukuba ukufika kwaso kwenzeke ngomusa kaNkulunkulu, lesisethembiso sime siqinile kuyo yonke inzalo ka-Abhrahama. Akugcini kuphela ngalabo abalandela umthetho, kodwa sidlulela nakulabo abangabokukholwa kuka-Abhrahama. Ungubaba kithi sonke,

17njengoba kulotshiwe embhalweni kwathiwa: “Wena sengikwenze uyise wezizwe eziningi.” Ungubaba ngokubona kukaNkulunkulu akholwa kuye, uNkulunkulu ophilisa abafileyo, ngephimbo lakhe enze izinto ezingakabi khona zibe khona.

18Kwakuthiwa ithemba alisekho, kodwa uAbhrahama wakholwa enethemba, wayeseba nguyise wezizwe eziningi njengoba kwakukade kushiwo kuye kwathiwa: “Inzalo yakho iyoba ningi kangaka.”

19Ukukholwa kwakhe akuzange kudambe lapho ecabanga ngomzimba wakhe owawusuluphele usufile ngoba wayesenekhulu leminyaka, ecabanga nangobunyumba bukaSara.

20Akazange abe namanqikanqika okungakholwa mayelana nesithembiso sikaNkulunkulu, kodwa waqina ekukholweni wadumisa uNkulunkulu,

21emi ethembeni lokuthi uNkulunkulu unamandla okufeza lokho akwethembisayo.

22Ngalesisizathu kwabalelwa kuye ukulunga.

23Amazwi athi “kwabalelwa kuye ukulunga” awalotshelwanga yena yedwa,

24kepha alotshelwa nathi futhi. Nathi kuyobalelwa kithi ukulunga thina esikholwa kulowo owavusa iNkosi yethu uJesu kwabafileyo.

25Yabulawa ngenxa yezono zethu seqa umthetho, yayisivuswa kwabafileyo ngoba sithethwe yicala.

ElaseRoma 5

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Umphumela wokuthethwa yicala

1Njengoba sesithethwe yicala ngokukholwa kwethu, kuba khona ukuthula
phakathi kwethu noNkulunkulu ngenxa yeNkosi yethu uJesu Kristu.

2Sesingenile ngaye safinyelela ngokukholwa endaweni yomusa esimi kuyo.
Siyaziqhayisa ngethemba esinalo lokuthi nathi siyohlanganyela noNkulunkulu
enkazimulweni yobukhosi bakhe.

3Nangaphezu kwalokho siyaziqhayisa ngezinhlupheko zethu, ngoba siyazi ukuthi
ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela,

4ukukhuthazela kwakha isimilo, isimilo sivusa ithemba,

5lelithemba elingasijabhisiyo, ngoba uthando lukaNkulunkulu lugobhozele
ezinhliziyweni zethu ngoMoya oyiNgcwele esiwuphiweyo.

6Kuthe lapho sisebuthakathaka silahlekile, uKristu wafela abonakeleyo ngenkathi
efaneleyo enqunywe nguNkulunkulu.

7Akwandile ukuba umuntu afele olungileyo. Hleze kwenzeke umuntu akhethe
ukufela oqotho,

8kodwa uNkulunkulu uyakukhombisa ukusithanda kwakhe okukhulu ngoba kuthe
lapho siseyizoni uKristu wasifela.

9Njengoba sesithethiwe yicala ngegazi lakhe, kuqinisekile kakhulu ngokwedlulele
ukuthi uyosisindisa olakeni oluzayo.

10Kuthe siseyizitha sabuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe.
Njengoba sesibuyisene naye, impela ukuphila kwayo kuyosisindisa.

11Akugcini lapho kuphela, kodwa sibuye sigabe ngoNkulunkulu ngenxa yeNkosi
yethu uJesu Kristu, okunguyena esabuyisana noNkulunkulu ngaye.

UAdamu noKristu

12Isono saba khona emhlabeni ngenxa yokona komuntu oyedwa, isono sase
sibanga ukufa, ukufa kwase kubangena bonke abantu ngoba bonile bonke.

13Kwakukhona isono emhlabeni kungakashaywa mthetho, kepha ayiphathwa
nakuphathwa eyesono uma kungekho mthetho.

14Ukufa kwakuzenzela kubantu kusukela kuAdamu kuya kuMose, kubusa ngisho
naphezu kwalabo abangazange bone balingise ukona kukaAdamu. UAdamu
uyizinqotho zalowo osazokuza.

15Kungeqhathaniswe isigigaba sokona kuka-Adamu nomusa kaNkulunkulu. Bafa
bonke ngesono somuntu oyedwa, kodwa kwase kuvama kakhulu kubo bonke
umusa kaNkulunkulu nesipho esafika ngomusa womuntu oyedwa uJesu Kristu.

16Kukhona umahluko phakathi kwalesisipho sesihle nomphumela wesono
somuntu oyedwa. Lomuntu oyedwa wawela esonweni, base belethwa

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ekwahlulelweni bonke, balahlwa yicala. Kodwa izeqo zabaningi zalandelwa yisipho somusa, ukuba bagcine bethethwe yicala bonke.

17Uma impela ukufa kwangena ngokuwa komuntu oyedwa kwabusa isintu ngalomuntu oyedwa, bayobusa kwedlule kakhulu kangakanani labo abemukela kuvame umusa kanye nesipho esingukulunga esitholakala ngaye lowo oyedwa uJesu Kristu.

18Isono somuntu oyedwa owephula umyalo saletha abantu abaningi ekulahlweni, kanjalo-ke isenzo esisodwa sokulunga sibakhipha phambili ecaleni sibaphilise bonke abantu.

19Ngokungalaleli komuntu oyedwa baningi ababa yizoni, kepha ngokulalela komuntu oyedwa baningi abayokwabelwa ukulunga.

20Kwangena umthetho owenza ukuba isono sibhoke ngamandla, kodwa kuthe lapho sandayo isono kwayilapho umusa uvama ngokwevileyo.

21Njengoba isono sabusa ngokufa, umusa ubusa ngokulunga ukuba sizuze ukuphila kwaphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

ElaseRoma 6

Ukufa esonweni nokuphila kanye noKristu

1Pho lokhu kusho ukuthini na? Siqhubeke nokuhlala ekoneni ukuze kwande umusa na?

2Phinde! Thina esesafa esonweni sahlukana naso, singabuye siqhubeke kanjani siphile impilo yesono na?

3Anazi yini ukuthi thina sonke esabhabhadiswa ukuba sibe ngabakaKristu Jesu sabhabhadiselwa ukuba sihlanganyele ekufeni kwakhe na?

4Ngombhabhadiso wethu sahlanganyela ekufeni kwakhe, sangcwatshwa kanye naye ukuze nathi siphile impilo entsha njengalokhu uKristu wavuswa kwabafileyo ngamandla obukhosi bukaYise.

5Uma impela sasihlanganyele naye ekufeni okufuze okwakhe, nakanjani siyohlanganyela sibe munye naye ekuvukeni okufuze okwakhe.

6Sazi kahle ukuthi imvelo yethu yokonakala yabethelwa esiphambanweni kanye noKristu, ukuba lokhu okungaphakathi kithina okukhanukela isono kuqedwe amandla, singabe sisagqilazwa yisono.

7Lowo ofileyo lisuke selimthethile elesono.

8Kepha uma safa noKristu siyakholwa ukuthi siyobuye siphile kanye naye futhi.

9Siyazi ukuthi uKristu uvuswe kwabafileyo engaseyuphinde afe futhi; ukufa akusayikuba namandla phezu kwakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Ukufa kwakhe, wakufa kwaba kanye esonweni, nokuphila kwakhe usekuphilela uNkulunkulu.

11Kuhle nihlale nizazi nani ukuthi nifile esonweni kepha niphilela uNkulunkulu njengoba ningabakaKristu Jesu.

12Makungabusi isono emizimbeni yenu efayo, ukuba nivumele izinkanuko zayo.

13Ninganikeli ngezitho zemizimba yenu esonweni, zibe yizikhali zokwenza okubi, kodwa zinikeleni kuNkulunkulu njengabantu ababuya kwabafileyo asebephila manje, izitho zenu ninikele ngazo kuNkulunkulu zibe yizikhali zokulunga.

14Isono asinganibusi, ngoba aniphili impilo ebuswa umthetho kodwa nenganywe umusa.

Izigqila zokulunga

15Senithini manje? Singaqhubeka yini sone ngoba nakhu singekho phansi komthetho kepha senganywe umusa na? Lutho-ke!

16Beningazi yini ukuthi uma nithambela umuntu enisuke nizenza izigqila zakhe, niba yizigqila zalowo enimthobelayo, kumbe zesono esiholela ekufeni, kumbe zokulalela, umphumela wakho ongukulunga?

17Kodwa makabongwe uMvelinqangi ngoba nina enaniyizigqila zesono senibuye naluthobela ngenhliziyo yonke loluhlobo lwemfundiso yobuKristu enayamukelayo.

18Nakhululwa esonweni nase niba yizigqila zokulunga.

19Ngikhulumisa okomuntu kanjena nje ngesizathu sobufushane bezingqondo zenu. Njengoba nanihleze ninikela izitho zemizimba yenu kukho konke ukungcola nokonakala okwedlula ukwenza, salani senenza izitho zemizimba yenu zibe yizigqila zokulunga ningcweliselwe impilo yobuKristu.

20Lapho niseyizigqila zesono nanikhululekile ningekho phansi komthetho wokulunga.

21Nathola zithelo zini kulezozinto eseninamahloni ngazo namhlanje na? Isiphetho salezozinto singukufa.

22Kepha manje senikhululiwe ebugqilini besono naba yizigqila zikaNkulunkulu, senithola izithelo manje ezingukungcweliswa kwenu nibe ngabahlukaniselwe uNkulunkulu; isiphetho salokho singukuphila okuphakade.

23Inkokhelo yokwenza isono ingukufa kepha isipho aphana ngaso uNkulunkulu ukuphila okuphakade okutholakala ngoKristu Jesu iNkosi yethu.

ElaseRoma 7

Umthetho mayelana nomshado

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Ngibhekise kini bazalwane eniwaziyo umthetho. Ngibuza ngithi anazi yini ukuthi
umthetho ubusa phezu komuntu kuphela lapho esaphila na?

2Umuntu wesifazane oshadileyo uboshelwe ngomthetho endodeni yakhe lapho
isaphila, kodwa uma ifa uyakhululwa emthethweni ombophezela endodeni.

3Ngakhoke uyobizwa ngesiphingikazi uma ehlala nenye indoda umyeni wakhe
esaphila; kepha uma umyeni wakhe efa ukhululiwe kulowomthetho, kuthi uma
egana enye indoda angabe esabizwa ngesiphingikazi.

4Ngokunjalo nani bazalwane nifile emthethweni nakhululwa kuwo njengoba
niyingxenye yomzimba kaKristu. Seningabakhe, yena owavuswa kwabafileyo,
ukuze sithele izithelo zokomoya zethulwe kuNkulunkulu.

5Lapho sisabuswa yimvelo yethu yokonakala umthetho waqubula izinkanuko
zokona emagazini ethu ezasebenzela ukuba sithele izithelo zokufa.

6Kepha manje asisaboshezelwe umthetho, sesafa asisagqilazwa yizinkanuko,
asisakhonzi ngendlela endala sibuswa ngumthetho olotshwe phansi, kepha manje
sesikhonza ngendlela entsha sibuswa nguMoya oyiNgcwele.

Umthetho kaNkulunkulu nesono

7Lokhu kusho ukuthini na? Ngabe kusho ukuthi umthetho uyisono na? Akunjalo!
Kepha ngangingasoze ngasazi isono ukuthi siyini, ukuba umthetho awungivulanga
amehlo. Ngangingakwazi ukuthi ukufisa kuyini ukuba umthetho awuthanga kimi:
“Ungafisi! ”

8Isono sangena ngenxeba lomthetho, saveza kimi yonke inhlobo yokukhanuka,
ngokuba lapho kungekho mthetho khona, isono sifile.

9Ngaphila ngingakathintani nomthetho, kodwa kwathi lapho ufika umyalelo isono
sadloba sema ngezinyawo,

10mina ngase ngifa. Wona lomyalelo okwakungathi uzongiphilisa
wangiphendukela waba ngukufa kimina.

11Isono sasizakala ngomyalo, sangiqilizela sangibulala ngawo.

12Ngakhoke umthetho ungcwele, nomyalo ongcwele ulungile uyinto enhle.

13Lokho okwakulungile, yikhona yini okwangibangela ukuba ngife na? Phinde!
Yisono lesi esaguqula okwakulungile ukuba kungibangele ukufa, isono sidalulwe
ukuthi siyisono. Umyalo yiwona-ke okwavezwa ngawo obala ububi obesabekayo
besono.

Umbango osenhliziyweni yomuntu

14Siyawazi umthetho ukuthi ungowoMoya kaNkulunkulu, kepha imvelo yami
yonakele, igqilazwa yisono.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Angikuqondi neze engikwenzayo, ngoba angikwenzi lokho engifuna ukukwenza,
kepha ngenza khona kanye lokhu engikuzondayo.

16Uma ngenza lokhu engivele ngingafuni ukukwenza, ngivuma ukuthi umthetho
ulungile.

17Uma kunje, empeleni akuseyimi okwenzayo lokhu, kepha isono esikimi yisona
esingenzisa khona.

18Ngiyazi ukuthi akukho lutho oluhle olukhona kimi, olutholakala kulemvelo yami
yokonakala. Ngingakusopha ukwenza okulungileyo kepha ngehluleke nokho
ukukwenza.

19Ubuhle engifuna ukubenza angibenzi, kepha ububi engibenyanyayo yibona
kanye engibenzayo.

20Uma ngenza lokhu engingafuni ukukwenza, akusemina owenze njalo, kepha
sekuyisono esisegazini kimi.

21Ngithola ukuthi kunomthetho okuthi nxa ngifuna ukwenza okuhle, ngixinwe
ububi bunganginiki thuba.

22Ngithokoza ngomthetho kaNkulunkulu phakathi ezibilinini zami,

23kodwa ngiphawula omunye umthetho obusa izitho zomzimba wami, uyalwa
ushayisana nomthetho ongibusa engqondweni, ungithumba bese ngithobela
umthetho wesono osezithweni zomzimba wami.

24Ngaze ngavelelwa mina kababa! Kodwa ngubani oyongilamulela kulemvelo
engibulalayo na?

25Makabongwe uNkulunkulu ongikhululayo ngoJesu Kristu iNkosi yethu!
Ngakhoke ngokomqondo wami ngiyisigqila esibuswa umthetho kaNkulunkulu,
kodwa ngokwemvelo esegazini lami ngigqilazwa umthetho wesono.

ElaseRoma 8

Ukuphila okubuswa nguMoya oyiNgcwele

1Ngakhoke abasayukulahlwa abasebunyeni noKristu Jesu.

2Umthetho woMoya oyiNgcwele wokuphila usikhululile ngoKristu Jesu
emthethweni wesono nowokufa.

3Lokho umthetho owehlulekayo ukukwenza njengoba wakhutshazwa imvelo
yokonakala, uNkulunkulu wakwenza. Wathuma iNdodana yakhe inofuzo
lwemvelo yokonakala ukuba ibe umhlatshelo wokuhlawula isono. Wasigweba
isono semvelo wasilahla ngecala,

4ukuze izimfanelo zonke umthetho ozifunayo zifezeke kithi, thina esingasabuswa
yimvelo yethu kepha sibuswa nguMoya oyiNgcwele.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ngoba labo ababuswa yimvelo yabo, izinhliziyo zabo zinaka okwemvelo, kodwa labo ababuswa nguMoya banaka izinto zoMoya oyiNgcwele.

6Ukunamathelisa inhliziyo ezintweni zemvelo yokonakala kubanga ukufa, kodwa lowo ongqondo yakhe ibuswa nguMoya uthola ukuphila nokuthula.

7Imvelo ebusa umuntu iyamelana noNkulunkulu, ayiwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, futhi ingewuthobele.

8Labo abasabuswa yimvelo yabo bangemthokozise uNkulunkulu.

9Kodwa nina anikho phansi komthetho walemvelo, kepha uMoya kaNkulunkulu uhlala ngempela kinina uyanibusa. Ongenawo uMoya kaKristu akasiye okaKristu.

10Uma uKristu ehlala kini, yize noma imizimba yenu ingefayo ngenxa yesono, kodwa uMoya oyiNgcwele uninika ukuphila ngoba linithethile icala.

11Uma uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo uhlala kini, yena lowo owamvusayo uKristu kwabafileyo uyophilisa imizimba yenu efayo ngaloMoya wakhe ohlala kini.

12Ngakhoke bazalwane asinacala elisiphoqayo ukuba sibuye sibuswe yimvelo yethu.

13Uma niphila ngokwemvelo yenu niyokufa, kepha uma nichitha imisebenzi emibi yemvelo yenu ngamandla oMoya oyiNgcwele, niyophila.

14Bonke abaholwa uMoya kaNkulunkulu bangamadodana kaNkulunkulu.

15Anemukeliswanga umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe, kepha nemukeliswa uMoya onenza amadodana kaNkulunkulu, esiyaye simemeze ngawo sithi: “Abba, Baba! ”

16Kuyiwo uMoya uqobo lwawo oyaye ufakaze uvumelane nemimoya yethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu.

17Uma singabantwana siba yizindlalifa, izindlafa zikaNkulunkulu ezidla ifa kanye noKristu, uma kodwa sihlupheka kanye naye ukuba sihlanganyele naye enkazimulweni yobukhosi bakhe.

Inkazimulo yobukhosi obuzayo

18Ngineqiniso lokuthi izinhlupheko zalesisikhathi zingelinganiswe nenkazimulo yobukhosi esiyoyambulelwa.

19Indalo yonke imagange ibheke ukuba uNkulunkulu abethule ngokusobala babonakale labo abangamadodana akhe.

20Indalo yonke inqunyelwe ukuba ihlale njalo ifekela, kungengantando yayo kepha kwaya ngentando kaNkulunkulu owakuhlelayo ukuba kube njalo. Nokho kukhona ithemba lokuthi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21indalo iyoze ikhululwe langa limbe ingabe isagqilazwa ukubhubha, kodwa ize yemukele ubukhosi benkululeko yabantwana bakaNkulunkulu.

22Siyazi ukuthi yonke indalo yilokhu yabubula kuze kube manje ngezinseka ezifuze ezowesifazane ebeletha.

23Akuyona yodwa indalo exinekile. Nathi uqobo esiphethe ingqalabutho yezithelo enguMoya oyiNgcwele siyabubula ngaphakathi, njengoba silindele ngamehlo abomvu ukuba uNkulunkulu asithole asenze amadodana akhe, imizimba yethu isinde ekubhujisweni.

24Sisindisiwe sikulelithemba, kodwa ithemba elibonwayo aliselona ithemba, ngoba umuntu angakulindela kanjani ngethemba lokho akubonayo na?

25Uma sethemba esingakuboniyo ngamehlo siyaye sikulindele ngesineke.

26Ngokunjalo uMoya oyiNgcwele uyaselekelela ebuthakathakeni bethu, ngoba asazi ukuthi singakhuleka sithini, kepha uMoya uqobo lwawo uyasinxusela ngokububula okungakhulumeki.

27NoNkulunkulu ohlola izinhliziyo zabantu uyayazi inhloso yoMoya, ngoba uMoya uyabanxusela abangcwele ngokwentando yakhe.

28Siyazi ukuthi konke lokho uNkulunkulu akwenzayo kuyabalungela labo abamthandayo ababizwe ngokwenhloso yakhe.

29Labo ayesevele ebaqokile uNkulunkulu wayebanqumele phambilini ukuthi bayofuza iNdodana yakhe, ukuba ibe yizibulo kubafowabo abaningi.

30Labo ayesevele ebanqumele phambilini wabamema, okuthe esebamemile wabathetha ngecala, okuthe lingabathetha wabenza bahlanganyela naye enkazimulweni yobukhosi bakhe.

Uthando lukaNkulunkulu

31Lokhu kusho ukuthini na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi pho ngubani ongamelana nathi na?

32Yena lowo ongazange ayigodle iNdodana yakhe kepha ayinikelela thina, akayikusipha konke yini kanye nayo na?

33Ngubani ozomangalela abayikhethelo likaNkulunkulu na? Ubathetha ngecala uNkulunkulu uqobo lwakhe.

34Ngubani ozobalahla ngecala na? Wabafela uKristu Jesu, wabuye wavuswa kwabafileyo. Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uyasinxusela.

35Ngubani oyakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Ngabe usizi noma ukukhathazeka, ukuhlushwa noma indlala, ukuhlubula noma ingozi noma ukubulawa ngenkemba na?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

36Kunjengoba kwalotshwa embhalweni kwathiwa: “Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, bashaya sengathi siyizimvu zokuhlatshwa.”

37Kodwa nokho phezu kwakho konke lokhu sinqoba nokunqoba ngoKristu owasithandayo.

38Impela ngiyalisho elokuthi, akukho lutho olungasehlukanisa nothando uNkulunkulu asithanda ngalo ngoKristu Jesu iNkosi yethu, ngisho nakufa imbala, nakuphila, nazingilosi, nazikhulu, nalokhu okukhona, nalokho okuzayo, naziphathimandla,

39nokuphezulu emkhathini nokuphansi ekujuleni, nakuphi okukhona okudaliweyo.

ElaseRoma 9

UNkulunkulu wakhetha isizwe sakwaIsrayeli

1Ngikhuluma iqiniso ngikuKristu, angiqambi manga. Unembeza wami uyangifakazela ukuMoya oyiNgcwele

2ukuthi lukhulu usizi olungiphetheyo, kanye nobuhlungu obunganqamukiyo engibuzwa enhliziyweni yami.

3Bengifisa sengathi ngabe kuqalekiswa mina, nginqunywe kuKristu kusizakale abafowethu, abayigazi lami ngokuzalana.

4BangabakwaIsrayeli, amadodana okutholwa kaNkulunkulu ahlanganyela naye enkazimulweni yobukhosi bakhe. Wabopha nabo izivumelwano, wawethula kubo umthetho, wabangenisa enkonzweni yethempeli, wabagidlabeza ngezethembiso.

5Okhokho babo babeyindlunkulu okwadabuka kuyo uKristu ngokuzalana, yena onguNkulunkulu uSimayedwa, obongekayo ungunaphakade. Ameni.

6Kodwa akungoba izwi lesithembiso sikaNkulunkulu lehluleka. Akubo bonke abadabuke kuIsrayeli abanguIsrayeli woqobo.

7Akubo bonke abangabantwana baka-Abhrahama ngoba beyinzalo yakhe, kodwa ezibhalweni ezingcwele kuthiwa: “Yinzalo kaIsaka kuphela eyobizwa ngawe.”

8Lokhu kuchaza ukuthi abantwana bakhe laba abazele ngokwegazi akusho khona ukuthi uNkulunkulu umuphe bona, kodwa abantwana besithembiso yibona abangabantabakhe bempela.

9Ngoba liyisethembiso lelizwi elathi: “Ngiyobuya ngaso lesisikhathi nyakenye, uSara abeseba nendodana.”

10Akulokho kuphela, kodwa kwaba njalo nalapho uRibheka ezala ezimbili izingane endodeni eyodwa, ukhokho uIsaka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Kodwa kuthe lapho lezizingane zingakazalwa, zingakenzi nalutho oluhle noma olubi, uRibheka watshelwa ngalokho okuzozehlela. Inhloso kaNkulunkulu uma ekhetha,

12ayiyi ngemisebenzi yomuntu kepha ngokwenza kukaNkulunkulu oqokayo. Ukuze kufezeke lenhloso yakhe kwase kuthiwa kuRibheka: “Omdala uyokhonza abe phansi komncane.”

13Kunjengoba kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “UJakobe ngimthandile, kodwa uEsawu ngamzonda.”

14Kusho ukuthini lokhu na? Ukwahlulela kukaMvelinqangi akuqotho na? Qha, kuqotho impela!

15Phela uthi kuMose: “Ngiyomhawukela lowo engithanda ukumhawukela, ngibe nesihe kulowo engithanda ukumzwela.”

16Akuyi ngentando yomuntu nangokuzishika kwakhe, kodwa kuya ngesihawu sikaNkulunkulu.

17Embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi enkosini uFaro: “Ngakumisela sona lesisizathu sokuba ngibonakalise amandla ami ngawe, igama lami lidume emhlabeni wonke.”

18Ngakhoke uNkulunkulu uhawukela lowo athanda ukumhawukela, ayenze lukhuni inhliziyo yomuntu ngokwentando yakhe.

19Usuzothi kimi: “Pho kungani ukuba uNkulunkulu abe esangibeka icala na? Ngubani ongamelana nentando yakhe na? ”

20Lapho ungubani wena muntundini ukuba ungaqagulisana noNkulunkulu na? Okubunjiweyo kungasuka yini bese kuthi kumbumbi: “Ungibumbeleni kanje? ”

21Kanti umbumbi akanawo yini amandla okubumba ngasigaxa sinye sobumba isitsha sihlonipheke, esinye sedeleleke na?

22Kwakungenqabaphi pho uma uNkulunkulu enza akuthandayo na? Wayefuna ukuveza ulaka lwakhe abonakalise namandla akhe. Nokho wabekezelela ngesineke esikhulu lezozitsha ezazifanele ukwehlelwa ulaka lwakhe, abantu labo abalungele ukubhujiswa.

23Bekuyini pho uma uNkulunkulu eqonde ukuveza ubukhosi benkazimulo yakhe enkulu kangaka na? Wakwenzela lezozitsha ayefuna ukuzihawukela, labo ayevele ebahlelele phambilini ukuba bahlanganyele naye ebukhosini benkazimulo yakhe.

24Nathi imbala siyilezozitsha, thina esabizwa nguNkulunkulu, kungewona amaJuda odwa kuphela, kodwa nabezizwe.

25Uyakhuluma ngomlomo womphrofethi uHoseya uthi: “Ngiyobabiza ngabantu bami labo abangesona isizwe sami; ngiyombiza ngesithandwa sami obekade eyisaliwakazi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Kuyokwenzeka ukuthi lapho kwakuthiwa khona kubo: ‘Aniyisona isizwe sami’, bayawubizwa bathiwe amadodana kaNkulunkulu ophilayo.”

27UIsaya umemeza ngesizwe sakwaIsrayeli uthi: “Yize uIsrayeli emningi engangezimpethu zendlovu ngesibalo, nokho kuyosinda imithonsela kuphela.

28Ngokuba uSimakade uyokhipha isigwebo emhlabeni ahlulele ngokushesha nangojuqu.”

29Kunjengoba asho uIsaya ebikezela ethi: “Ukuba uSimakade iNkosi yamaviyo ubengasishiyelanga insali yokuphemba uhlobo, besiyakuba yincithakalo yaseSodoma, besiyawukuba njengabaseGomora.”

AbakwaIsrayeli nokulunga

30Lokhu kusho ukuthini na? Kusho ukuthi abezizwe kade bengakubabele kangako ukulunga kodwa sebenakho, okungukulunga okutholakala ngokukholwa.

31Kodwa abakwaIsrayeli ababesha amashushu kangaka befuna umthetho abangathola ngawo ukulunga, kabawutholanga lomthetho.

32Ngani na? Ngoba abawulandelanga ngokholo, kepha konke bakwenza kwaya ngemisebenzi. Base bekhubeka etsheni eliqhuzulayo

33okulotshwe ngalo embhalweni kwathiwa: “Bukani, ngibeka eZiyoni itshe eliqhuzulayo, idwala eliyisikhubekiso. Lowo owethembela kuye akasoze adumala.”

ElaseRoma 10

1Bazalwane, ukulangaza kwenhliziyo yami nomkhuleko engibakhulekela wona kuNkulunkulu abakwaIsrayeli, ukuba basindiswe.

2Ngiyabafakazela impela ukuthi bayamshisekela uNkulunkulu kodwa baphuphuthekile.

3Kabazi lutho ngalokhukulunga okuvela kuNkulunkulu, kepha bahlose ukuzakhela ukulunga ngezabo izimiso. Ngakhoke abaze balithobela isu likaNkulunkulu lokuthola ukulunga.

4Umthetho waphela nya ngoKristu. Bonke abakholwa kuye selibathethile icala.

5UMose uloba kanje ngokulunga okuvela ngokugcina umthetho: “Umuntu ogcina lokho okubizwa ngumthetho uyophila ngakho.”

6Kepha ukulunga okuvela ngokukholwa kuthi: “Ungabokusho enhliziyweni yakho uthi: ‘Ngubani oyakwenyukela ezulwini (ukuze alande uKristu eze lapha) na? ’

7kumbe uthi: ‘Ngubani oyakwehla aye kwalasha (ukuze alande uKristu abuye ezweni labafileyo) na? ’

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Kunalokho, ukulunga kuthi kumuntu: ‘Izwi lilapha kuwe, lisemlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho’, izwi leli esilimemezelayo elikhuluma ngokukholwa.

9Ngoba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa nasenhliziyweni yakho ukuthi uMvelinqangi wamvusa kwabafileyo, uyosindiswa.”

10Kuyinhliziyo yakho okholwa ngayo ubalelwe ukulunga, kungumlomo wakho ovuma ngawo usindiswe.

11Kulotshiwe kwathiwa: “Lowo okholwa kuye akasoze adumala.”

12Ngoba akukho mehluko phakathi komJuda nowezizwe, yona leyoNkosi iyiNkosi yabo bonke, ibabusisa kweve bonke ababiza igama layo.

13Ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Kuyosindiswa wonke umuntu obiza igama likaSimakade.”

Akubo bonke abalithobelayo ivangeli

14Kodwa bangalibiza kanjani igama lalowo abangazange bakholwe kuye na? Bayokholwa kanjani kuye uma bengazange bayizwe indaba emnandi elanda ngaye na? Bayoyizwa kanjani indaba emnandi uma bengashunyayezwanga muntu na?

15Umuntu angashumayela kanjani uma engathunywanga na? Kunjengoba usho umbhalo ongcwele uthi: “Zaze zezwakala kamtoti izigi zezinyawo zalaba abasibikela izindaba ezimnandi! ”

16Akubo bonke nokho abakwaIsrayeli abalithobelayo ivangeli. UIsaya uthi: “Nkosi, ngubani oke wakukholwa esakushumayelayo na? ”

17Ngakhoke ukukholwa kudaleka ngokuba umuntu ezwe, nokuzwa kuvela ngezwi elishunyayelwayo elilanda ngoKristu.

18Ake ngibuze: Kunga yiqiniso ukuthi abayizwanga intshumayelo na? Bayizwa kahle kakhulu njengoba imibhalo engcwele ithi: “Intshumayelo izwakele emhlabeni wonke, amazwi ayo ajubalele afinyelela emajukujukwini ezinqeni zezwe.”

19Ngiyabuza futhi ngithi: Kanti abakwaIsrayeli babengakuqondi yini lokhu na? Kuphendule uMose kuqala ngalawamazwi kaSimakade: “Ngiyonikhwelezisa ngabantu abangesona isizwe, nginicasule ngesizwe esingenamqondo.”

20UIsaya ukhulume walimisa ngesihloko wathi: “USimakade uthi: ‘Ngatholwa yilabo ababengazange bahambe bengicinga; ngaziveza kulabo ababengazange bangifune.’ ”

21Kodwa mayelana noIsrayeli uthi: “Ngelula izandla usuku lonke ukuba ngibuyise isizwe esingalaleliyo nesiphikayo.”

ElaseRoma 11

Insali kwaIsrayeli

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Ngiyabuza ukuthi kambe uNkulunkulu ubadubile yini abantu bakhe na? Akunjalo neze! Mina uqobo lwami ngingumIsrayeli, ngingowolibo luka-Abhrahama, ngingowomndeni wakwaBhenjamini.

2UNkulunkulu akasilahlile isizwe ayevele esiqoke kwakudala. Anazi yini ukuthi umbhalo uthini ngoElija lapho enxusa kuNkulunkulu eceba uIsrayeli na?

3Uthi: “Nkosi, bababulele abaphrofethi bakho, amalathi akho bawadilizile, mina ngasinda. Sengisele ngedwa, nami futhi bafuna ukungibulala.”

4Ithini impendulo kaNkulunkulu kulokho na? Ithi: “Ngizilondolozele amadoda ayizinkulungwane eziyisikhombisa angazange awe ngedolo akhothamele isithixo uBhali.”

5Kusenjalo namanje. Kukhona insali yalabo uNkulunkulu abakhethileyo ngomusa wakhe.

6Kwenziwe ngomusa wakhe kuphela, akuyanga ngemisebenzi abayenzileyo. Ukuba bekunjalo, umusa wakhe ubungebe usaba umusa.

7Manje pho? AbakwaIsrayeli abakutholanga ababekufuna, kepha kwatholwa ngabaqokiweyo kuphela; abasalayo benziwa izinhliziyo zabo zaba lukhuni.

8Kunjengoba kulotshiwe kwathiwa: “UNkulunkulu ubehlisele umoya owozelisayo, amehlo abo aqundeka akabona, nezindlebe zabo zavaleka kazezwa kuze kube namhla.”

9UDavide uthi: “Amadili abazitika kuwo mawaphenduke ugibe nonoxhaka kubo, ukuze bawe bathole isijeziso.

10Amehlo abo mawaqundeke bangaboni, ubaqhothise njalo ngezinsizi.”

Ukusindiswa kwabezizwe

11Ngiyabuza-ke ngithi: Bakhubeka ukuze bawe unomphela yini na? Qhabo! Ngokona kwamaJuda ukusindiswa sekuze kwafika nakwabezizwe ngenxa yokuba uNkulunkulu efuna ukuvusa isikhwele kwabakwaJuda.

12Ukona kwawo kwaletha izibusiso ezinkulu emhlabeni, nokwehluleka kwawo kwahlumisa abezizwe ukuba babusiswe. Uma kunjalo-ke ziyoba zinkulu kangakanani izibusiso lapho sonke isizwe samaJuda sesiphendukile!

13Ngikhuluma kini nina bezizwe. Njengoba ngingumphostoli othunyelwe kwabezizwe, ngisazisa kakhulu lesisikhundla sami.

14Hleze kungase kwenzeke ukuba ngivuse isikhwele esizweni sakithi silangazelele ukusindiswa, ngenxa yami kusindiswe abanye baso.

15Ukudutshwa kwamaJuda kwaletha insindiso, umhlaba wabuyisana noNkulunkulu. Pho, ukwamukelwa kwawo kuyolethani? Kuyoletha ukuphila, ukuze abafileyo babuye baphile.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Uma leyongxenye yenhlama ewulibo yehlukaniselwe uNkulunkulu, inhlama yonke ibusisekile ingcwele. Uma impande yomuthi ingcwele, namagatsha awo angcwele ngokufanayo.

17Kuyaye kunqunywe amanye amagatsha omhlwathi wasekhaya alahlwe, kuhlunyelelwe esikhundleni sawo ngamagatsha omhlwathi wasendle. Nina bezizwe nifana nalawomagatsha anqunywe esihlahleni somhlwathi esimila endle, okwahlunyelelwa ngawo emhlwathini wasekhaya, ngakhoke seniphila ngenkovu evela empandeni yomhlwathi wasekhaya.

18Ngakhoke nize ningazigqaji phezu kwalawomagatsha anqunywa alahlwa. Uma nithuke nakwenza lokho, anokhumbula ukuthi akunina enondla impande kodwa yimpande enondlayo.

19Nizothi-ke: “Amagatsha ephulwa ukuze thina sihlunyelelwe esiqwini.”

20Yebo-ke, balahlwa ngenxa yokungakholwa kwabo, kepha nina nimi nigxilile ngoba nikholwa. Musani-ke ukuzithwala; thuthumelani!

21Uma uNkulunkulu engawayekanga amaJuda angamagatsha okuzimilela, nani akasoze aniyeka.

22Ake nibheke nibone isihe sikaNkulunkulu, nokho isandla sakhe sibe silukhuni. Isandla sakhe silukhuni kwabawayo, kodwa unesihe kini, uma nisawethemba umusa wakhe. Ngaphandle kwalokho niyonqunywa kwanina.

23Uma amaJuda ephenduka ayeke ukungakholwa, ayohlunyelelwa nawo, ngoba uNkulunkulu unamandla okuwahlumelela.

24Nina bezizwe empeleni benivele nigawulwe emhlwathini wasendle, kwase kuphanjaniswa imvelo, senihlunyelelwa emhlwathini otshalwe ekhaya. Ayodlulela kangakanani lawamagatsha uma esehlunyelelwa emhlwathini wawo wokudabuka na?

Ukuphenduka kwamaJuda

25Kunemfihlakalo engifuna niyazi bazalwane, hleze niqhoshe nithi nihlakaniphile. Ingxenye yabakwaIsrayeli yenziwe izinhliziyo zalukhuni kuze kwenele isibalo sabezizwe abayongena embusweni kaNkulunkulu.

26Kanjalo-ke siyosindiswa sonke isizwe sakwaIsrayeli njengoba kulotshiwe kwathiwa: “Umkhululi uyovela eZiyoni, uyochitha ububi buphume buphele kwaJakobe.

27Isivumelwano sami nabo silapho sengiyosusa izono zabo.”

28AmaJuda aphenduke izitha zikaNkulunkulu ngalelivangeli alenqabayo, kwase kusizakala nina bezizwe ngalokho. Kodwa ngoba wayebaqokile okhokho bawo, aselokhu engabangane bakaNkulunkulu.

29UNkulunkulu angeguquke azisole ngokubusisa nangokubiza kwakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Nina bezizwe enanikade ningamlaleli uNkulunkulu esikhathini esiphambili,
senihawukelwe ngoba amaJuda ayengalaleli.

31Nawo-ke asephenduke abangalaleliyo khona ezobuye ahawukelwe ngenxa
yesihe uNkulunkulu abenaso kinina bezizwe.

32UNkulunkulu ubabophezele bonke ebugqilini bokungalaleli kwabo, khona
ezobuye abahawukele bonke abantu.

33Yeka ukujula kwamafa obuhlakani nolwazi lukaMvelinqangi! Izahlulelo zakhe
aziqondakali nezindlela zakhe zehlula umqondo.

34“Ngubani owake wawazi umqondo kaSimakade? Ngubani oke waba
ngumeluleki wakhe na?

35Ngubani oke wamupha isipho ukuba abuye abuyiselwe na? ”

36Izinto zonke zivela kuye, zaba khona ngaye, ziya kuye. Makadunyiswe yena
ungunaphakade! Ameni.

ElaseRoma 12

Ukuzinikela kuNkulunkulu ngokupheleleyo

1Ngiyanincenga-ke bazalwane ngenxa yobubele bukaNkulunkulu ukuba nethule
imizimba yenu ibe ngumnikelo ophilayo ongcwele othandekayo kuNkulunkulu,
okuyiyona nkonzo yenu yokomoya.

2Ningahambisani nemikhuba emibi yalomhlaba, kodwa guqukani ngengaphakathi
nivuselelwe imiqondo yenu. Kanjalo niyokwazi ukuvivinya nibone ukuthi
uNkulunkulu uthandani, okulungileyo nokwamukelekayo kuye nokupheleleyo.

3Njengoba uNkulunkulu ngomusa wakhe engiphe isiphiwo esingandile, ngithi kini
nonke: Umuntu makangaziboni engcono kakhulu kunokufanele azicabange,
kodwa azicabange yena ngomqondo osileyo, njengalokhu uNkulunkulu emabela
lowo nalowo ukukholwa okumlingeneyo.

4Umzimba womuntu unezitho eziningi, kodwa izitho azisebenzi into efanayo.

5Kanjalo nathi yize sibaningi singumzimba owodwa sikuKristu; yilowo nalowo
kithi uyisitho esixhumene nezinye izitho emzimbeni owodwa.

6Sineziphiwo ezahlukeneyo njengalokhu uNkulunkulu esiphile ngomusa wakhe.
Uma isiphiwo sethu singesokuphrofetha, masikwenze ngangokukholwa lokho
esinakho.

7Uma kumayelana nenkonzo yokusiza abanye, masisize, uma kumayelana
nenkonzo yokufundisa, masifundise.

8Uma kufanele ukuba sikhuthaze abanye, masenze njalo. Lowo opha abanye,
makaphane ahlaphaze. Nalowo ophethe isikhundla sokuhola makasebenze athi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

nqi. Lowo okhombisa ububele kwabanye makakwenze lokho ngomoya othakasileyo.

Impilo yobuKristu

9Uthando malube qotho. Zondani okubi, nibambelele kokuhle.

10Thandanani njengezelamani ngothando oluvuthayo, niphangelane ngokuhloniphana.

11Khuthalani ningenqeni, nivuthe emoyeni nikhonze iNkosi.

12Thokozani ngenxa yethemba eninalo; lapho nihlupheka bekezelani, nikhuleke ningaphezi.

13Nabelane impahla nabazalwane abaswelayo, nishisekele ukungenisa izihambi.

14Baceleleni isibusiso abanihluphayo, nibafisele izilokotho ezinhle ningabaqalekisi.

15Jabulani kanye nabajabulayo, nilile nabalilayo.

16Nize nibonelelane; ningazithwali kodwa zehliseni nidlelane nabantukazana. Ningazenzi abahlakaniphileyo.

17Uma kukhona ononileyo, musani ukuphindisa ngokubi kuye. Khuthalelani ukwenza okulungileyo phambi kwabantu bonke.

18Uma kungenzeka, indlela ninayo, hlalisanani nabantu bonke ngokuthula.

19Ningaphindisi bangane bami, kodwa dedelani ulaka lukaMvelinqangi luzenzele okwalo. Kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “USimakade uthi: ‘Ukuphindisa kungokwami, kuyophindisa mina.’ ”

20Omunye umbhalo uthi: “Uma isitha sakho silambile, siphe sidle. Uma somile, siphuzise. Uma usenze nje siyodliwa unembeza siphenduke .”

21Ungavumi ukwahlulwa ngububi, kepha yahlula okubi ngokuhle!

ElaseRoma 13

Ukuthobela ababusi

1Umuntu wonke makathobele iziphathimandla zombuso. Ngokuba awukho umbuso ozikhonela ngokwawo ungamiswanga nguMvelinqangi. Leyomibuso ekhona imiswe nguMvelinqangi.

2Ngakhoke lowo omelana nombuso umelana nalokho okumiswe nguMvelinqangi. Labo abenze njalo bazibangela icala lokwahlulelwa.

3Ababusi ababafaki ingebhe labo abenza okulungileyo, kepha besabisa kuphela abenza okubi. Uyathanda ukungasesabi isiphathimandla na? Yenza okulungileyo, yikhona siyokuncoma-ke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Ngoba siyinceku kaNkulunkulu esebenzela wena okuhle. Kodwa uma wona, selungakushaya uvalo ngoba inkemba akayiphatheli ize umbusi. Uyinceku kaNkulunkulu ayithuma ukuba iphindise ngolaka lwakhe kulowo owenza ububi.

5Ngenxa yalokho kudingekile ukuba uwuthobele umthetho, kungengenxa yokwesaba ulaka kuphela kodwa nangenxa yokukhuluma kukanembeza wakho.

6Yiso lesisizathu esenza ukuba nikhokhe intela. Ababusi bayizinceku zikaNkulunkulu eziqondene nalomsebenzi eziwukhuthaleleyo.

7Bakhokheleni konke okufanele. Khokhani intela uma ifuneka, uma sebefuna umthelo thelani. Ofanele ukuhlonishwa mhlonipheni; ofanele ukuphakanyiswa mphakamiseni.

Ukuthanda abanye

8Ningabi nacala ngezinto zabantu, ngaphandle kwalelo lokuba nithandane kuphela, ngoba osuke ethanda omunye, ufeza umthetho.

9Imiyalelo ethi: “Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafisi,” nayo yonke eminye ekhona, ibhangqwe yonke kulomyalo owodwa othi: “Wothanda omunye umuntu ngalolothando ozithanda ngalo wena.”

10Uma umthanda umuntu ngeke uze umone, ngakhoke ukuthanda kungukufeza umthetho.

Usuku lokubuya kukaKristu luseduze

11Kwenzeni lokhu njengoba nizibona izikhathi. Selifikile ithuba lokuba niphaphame ebuthongweni. Insindiso yethu isondele kakhulu manje kunakuqala sisanda kukholwa.

12Ubusuku sebuyadlula, ingomuso selisondele. Ngakho kasintshinge imisebenzi yasemnyameni, bese sixhaka izikhali silwe ngazo kukhanya.

13Asiziphathe kahle, njengabantu abahlala ekukhanyeni kosuku, kungabi ngokuminza nokudakwa, ngamadili esinene nangamachilo, ngokuxabana nangeso elibi.

14Kodwa hlomani ngeNkosi uJesu Kristu abe yizikhali zenu. Ningayikhathaleli imizimba yenu ukuba nenelise izinkanuko zemvelo yenu.

ElaseRoma 14

Umgamehluleli umzalwane wakho

1Umuntu onokholo olubuthakathaka mamukeleni, kodwa kungabikho ukushayisana kwemiqondo.

2Ukholo lomunye lumvumela adle konke angakhethi, kodwa onokholo olubuthakathaka udla imifino kuphela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Odlayo noma yikuphi ukudla makangamdeleli odla imifino kuphela; odla imifino
makangamahluleli umuntu odlayo noma yikuphi ukudla, ngoba uNkulunkulu
umamukele naye.

4Lapho ungubani wena ukuba ungehlulela inceku yomunye na? Kuya ngenkosi
yayo ukuthi leyonceku iyaphumelela noma iyehluleka. Iyophumelela ngoba iNkosi
iyakwazi ukuyiphumelelisa.

5Omunye umuntu uqoka usuku oluthile athi lungcono kunezinye, kepha omunye
uthi izinsuku zifana zonke. Wonke umuntu makabe neqiniso ngalokho
enhliziyweni yakhe.

6Umuntu owazisa usuku, wenzela ukuba kuhlonishwe iNkosi uJesu. Odlayo
engakhethi udlela ukuba kuhlonishwe iNkosi, ngoba uyaye abonge kuNkulunkulu.
Nalowo okhethayo engakudli ukudla okuthile, usuke ekwenza lokhu ukuba iNkosi
uJesu idunyiswe; naye-ke ubonga kuNkulunkulu.

7Akukho muntu oziphilelayo. Amukho futhi ozifelayo.

8Uma siphila siphilela iNkosi, uma sifa sifela iNkosi. Ngakhoke ukuthi siyaphila
noma siyafa, singabeNkosi uJesu.

9UKristu wafa wabuye wavuka ukuba abe yiNkosi yabafileyo nabaphilayo.

10Wenzelani ukuba wahlulele umzalwane wakho na? Yini wedelele umzalwane
wakho na? Ngokuba siyokuma sonke esigcawini sikaMvelinqangi sahlulelwe.

11Kulotshiwe embhalweni kwathiwa: “ ‘Ngikufunge ukuphila kwami,
ayongiguqela wonke amadolo, nezilimi zonke ziyakumdumisa uMvelinqangi,’
kusho uSimakade.”

12Sekuyoba yilowo azilande phambi kukaMvelinqangi.

Ungamkhubekisi umzalwane wakho

13Manje asingabe sisahlulelana, kodwa kunalokho nqumani ukuba ningamthiyi
umzalwane, kumbe akhubeke.

14Njengomuntu okholwa eNkosini uJesu ngineqiniso ngalokhu ukuthi akukho
okungcolileyo ngokwakho, kodwa uma umuntu ethi okuthile kungcolile, kuyobe
sekuyangcola kulowomuntu.

15Uma ukhuba umzalwane ngalokho okudlayo, kawusahambisi ngothando. Ukudla
kwakho makungambhubhisi umzalwane, ngoba uKristu wamfela.

16Lokho okuhle eninakho makungagxijwa!

17Ngoba empeleni umbuso kaNkulunkulu uqobo lwawo awumile ngakudla
nasiphuzo, kodwa kuya ngokulunga nokuthula nokujabula esikuphiwa nguMoya
oyiNgcwele.

18Okhonza uKristu kanje uyathandeka kuNkulunkulu ancomeke nakubantu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Masikhuthalele konke okuletha uxolo, sakhane ngokomoya.

20Makungachithwa umsebenzi kaNkulunkulu ngenxa yokudla! Zonke izinto zihlanzekile, kodwa akukuhle ukuba umuntu adle bese ekhubekisa omunye ngalokho akudlayo.

21Kungcono ungayidli inyama noma uphuze iwayini kumbe wenze okunye umanxa kumkhubekisa umzalwane wakho.

22Lokho-ke okukholwayo kuloludaba, makube phakathi kwakho noNkulunkulu. Ubusisiwe umuntu ongazinyezi ngalokho azwana nakho!

23Kepha lowo othi edla ebelokhu engabaza uselahliwe ngoba akadli ngegunya lokukholwa, kanti konke okungaveli ekukholweni kuyisono.

ElaseRoma 15

Yenza okuthokozisa umzalwane wakho!

1Thina esilukholo lwethu luqinile kusifanele ukuba sibabekezelele laba abalukholo lwabo lubuthakathaka, singalibali ukuzithokozisa thina nje.

2Yilowo nalowo kithi makajabulise umzalwane wakhe ukuba kube lusizo kuye, akheke ekukholweni.

3UKristu imbala kazange azenamise. Kulotshiwe ngaye kwathiwa: “Izinhlamba zalabo abakuthukayo zabhekiswa kimi zanginukubeza.”

4Konke okwalotshwa emibhalweni engcwele endulo kwalotshelwa thina ukuba sifunde kukho, sibekezele sikhuthazwe yimibhalo, ithemba lethu libuye.

5Engathi uNkulunkulu owenza inhliziyo ibekezele ikhuthazeke anganipha umoya wokuhlalisana ngokuzwana, njengoba nilingisa uKristu Jesu,

6ukuba nidumise lowo onguNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu nganhliziyonye nangazwi linye.

Indaba emnandi ishunyayelwa kwabezizwe

7Kuhle namukelane kudunyiswe uNkulunkulu, njengalokhu noKristu enamukele nani.

8Ngiyanitshela ukuthi uKristu waphenduka waba yinceku ukuze kusizakale amaJuda. Wakhombisa ukwethembeka kukaNkulunkulu, wafeza izethembiso ezenziwa kokhokho bawo.

9Abezizwe sebengamdumisa uNkulunkulu ngenxa yesihe sakhe njengoba kulotshiwe kwathiwa: “Ngakhoke ngiyakukudumisa phakathi kwabezizwe, igama lakho ngilihayele amahubo.”

10Omunye umbhalo uthi: “Thokozani kanye nabantu bakhe nina bezizwe.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Kwaphindwa futhi kwathiwa: “Dumisani uSimakade nina zizwe zonke,
nimhayele izibongo nina zinhlanga zonke! ”

12Umphrofethi uIsaya ubuye wathi: “Kuyokwenzeka ukuba lowo ongumlibo
kaJese asukume abuse izizwe, abezizwe babeke kuye ithemba.”

13UNkulunkulu osinika ithemba akenze izinhliziyo zenu ziphuphume ukujabula
nokuthula ngokukholwa kwenu, bese kwanda ithemba lenu ngokusizwa
ngamandla oMoya oyiNgcwele.

Umsebenzi kaPawula wokuqhuba ivangeli

14Ngizidelisile bazalwane ngazibonela ngokwami ukuthi ngokwenu ninakho
ukulunga konke, nagcwaliswa ngalo lonke ulwazi, nakwazi ngisho ukwelulekana.

15Ngike ngalimisa ngesihloko emaphuzwini athile enginilobele ngawo
nginikhumbuza, ngenxa yesiphiwo esingandile uNkulunkulu angiphe sona
ngomusa wakhe.

16Ungenze inceku kaKristu Jesu ethunyelwe kwabezizwe. Ngenza umsebenzi
wobuphristi ngishumayela indaba ejabulisayo evela kuNkulunkulu, ukuba
abezizwe babe umnikelo owamukelekayo kuNkulunkulu, behlukaniselwe yena
ngoMoya oyiNgcwele.

17NgoKristu Jesu ngiyaziqhayisa ngomsebenzi wami engimenzela wona
uNkulunkulu.

18Ngeke ngilokothe ngikhulume ngokunye ngaphandle kwalokho uKristu akufeze
ngami ukuze abezizwe bagobeke bathobele uNkulunkulu. Wasebenzisa mina
kwafezwa lokhu ngamazwi nangezenzo,

19ngezibonakaliso ezimangalisayo nangamandla oMoya kaNkulunkulu.
Ngalishumayela laphelela ivangeli elilanda ngoKristu, ngaqalisa eJerusalema
namaphethelo angakhona, ngadweba njalo ngaze ngashaya kwelaseIliriya.

20Bengihlala njalo ngizigabisa ngokushumayela lendaba emnandi kulezondawo
kuphela lapho igama likaJesu lingakaze liphathwe khona. Bengingathandi
ukwakhela phezu kwesisekelo somunye umuntu.

21Kodwa ngalandela okulotshwe embhalweni ongcwele ukuthi: “Labo
ababengazange batshelwa lutho ngaye bayobona, nalabo ababengazange bezwa
lutho bayoqonda.”

UPawula usophe ukuhambela eRoma

22Yingakho ngithiyeke kaningi ukuba ngize kini.

23Angisenasikhala lapho ngingasebenza khona kulesisifunda, kanti futhi
sekuphele iminyaka eminingi ngalangazelela ukuthi ngiyonihambela

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

24mhla ngaya eSpeyini. Ngethemba siyobonana mhla ngidlula kini, ukuze nani ningikhaphe kuloluhambo lwami sengiza lapho. Ngiyobe sengike ngathi ukuhlala nani okwesikhashana.

25Kumanje nje ngiya eJerusalema, abangcwele ngibaphathele usizo.

26Bazimisele abazalwane baseMasedoniya nabaseAkhaya ukuba banikelele abampofu kwabakholwayo eJerusalema.

27Bazethwesa bona ukuba benze njalo, bevele befanele ukukwenza, ngoba uma abezizwe bekwazi ukuhlanganyela namaJuda ezibusisweni zokomoya, kubafanele ukuba bafake izandla bawasize ezidingweni zomzimba.

28Kuyothi lapho sengikufezile lokhu, sengikwethulile kubo lokho okuqoqiweyo, bese ngedlula ngakini ngilibhekise eSpeyini.

29Ngiyazi ukuthi lapho ngifika kini ngiyofika ngisisitheka yisibusiso sikaKristu.

30Ngiyaninxusa-ke bazalwane ngenxa yeNkosi yethu uJesu Kristu nangenxa yothando esiluphiwa nguMoya oyiNgcwele ukuba ningilwise ngemikhuleko ninginxusele kuNkulunkulu.

31Khulekani ukuba ngophulwe kwabangakholwayo baseJudiya nokuba izibondlo engiyokhonza ngazo zemukeleke kwabakholwayo eJerusalema,

32uma iNkosi ivuma ngifike kini ngithokoza, ngiphumule kanye nani.

33UNkulunkulu oletha ukuthula akabe nani nonke! Ameni.

ElaseRoma 16

UPawula ukhonza kubazalwane

1Nango udade uFibhi engimethula kini, ngiyamncoma. Ungumkhokheli webandla laseKhenkriya.

2Mamukeleni ngegama leNkosi njengoba kufanele ukwenziwa kwabakholwayo, nimsize kukho konke angase akudinge kini, ngoba baningi akade ebasiza, nami engisiza futhi.

3Nize ningibonele kuPhrisila noAkhwila, izisebenzi esibambisene nazo emsebenzini kaKristu Jesu!

4Bazidela amathambo ngenxa yami. Akugcini ngami ukubonga, kodwa ngisho namabandla onke abezizwe ayabathokozela.

5Ngiboneleni nasebandleni elihlanganela emzini wabo! Ngikhonzeleni kumngane wami omkhulu uEphenetho, owaba yingqalabutho yabaphendukela kuKristu kwelaseAsiya.

6Khonzani nakuMariya owanisebenzela kanzima!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Khonzani kuAndronikho noJuniyasi, abomdabu wakithi engangiboshwe kanye nabo ejele. Bayizilomo kubaphostoli behlangene, benjalo nje baphendukela kuKristu kuqala kunami.

8Khonzani kuAmpliyathu engimthanda kakhulu nesihlanganyela naye eNkosini uJesu.

9Khonzani ku-Ubhanu, inceku esisebenza nayo kuKristu, nakuStakhisi umngane wami engimkhonze kakhulu.

10Ngikhonzeleni kuAphele; ukwethembeka kwakhe kuKristu kwavivinywa kwemukeleka. Khonzani kulabo abasebenza kwa-Aristobhulo

11nakuHerodiyoni owomdabu wakithi. Khonzani kulabo abasebenza kwaNasiso abangabeNkosi.

12Khonzani kuTrayifina noTrifosa, abesifazane abasebenzela iNkosi kakhulu. Ngikhonzeleni futhi kumngane wami omkhulu uPhersisi, omunye wesifazane oyijulukele kakhulu iNkosi uJesu.

13Khonzani kuRufasi umzalwane oqhamileyo ebandleni leNkosi, nakunina okade engumame nakimi imbala.

14Khonzani kuAsinkritho nakuFlegoni, noHerme noPhatroba noHermasi, nakubazalwane abakanye nabo.

15Khonzani nakuFilologo nakuJuliya, nakuNerusi benodadewabo, nakuOlimpa, nakubazalwane bonke abakanye nabo.

16Nize ningikhonzele nibingelelane ngokwanga kwabakholwayo! Athuma umkhonzo omuhle kini onke amabandla kaKristu.

17Ngiyanincenga bazalwane ukuba nibaqaphele laba abadala uqhekeko banihlubukise ekukholweni, bephambene nalokho enakufundiswayo. Dedani kubo!

18Abantu abanjalo kabasebenzeli yona iNkosi yethu uKristu kepha babuswa yizinkanuko zabo. Banolimi olushelelayo. Bambambatha ngalo bawake lababantu abayizimpatha.

19Wonke umuntu uzwile ngokulithobela kwenu ivangeli, okuyikhona okungijabulisa kakhulu ngani. Kodwa ngifuna ukuba nikuhlakaniphele lokho okulungileyo, nibe msulwa ngomqondo entweni ewububi.

20UNkulunkulu oletha ukuthula uzonce amchoboze masinyane uSathane phansi kwezinyawo zenu. Salani nomusa weNkosi uJesu!

21Uyakhonza uThimothi inceku esikanye nayo emsebenzini, bayakhonza noLusiyu noJasoni noSosiphatha abombadu wakithi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Ngegama leNkosi uJesu ngiyakhonza mina Thethiyu okuyimina engaloba
lencwadi ngesandla sami.

23UGayiyu uyakhonza. Usiphethe ngezandla ezifudumeleyo kwakhe, mina kanye
nebandla. UErasto, umphathisikhwama walomuzi waseKhorinte, uyakhonza
kanye nomzalwane wethu uKhwathu.

24Salani nonke nomusa weNkosi yethu uJesu Kristu! Ameni.

UPawula uphetha ngokudumisa uNkulunkulu

25Akadunyiswe uMvelinqangi! Uyakwazi ukunimisa nigxile ekukholweni,
njengalokhu isho indaba emnandi elanda ngoJesu Kristu engiyimemezelayo.
Lelivangeli limbulule imfihlo eyayikade ifihlakele kwasekudaleni.

26Kepha manje ngomyalo kaNkulunkulu waphakade yembuliwe ngencazelo
yezibhalo zabaphrofethi basendulo. Yaziswa kuzo zonke izizwe ukuba bonke
bathobele ivangeli bakholwe.

27UMvelinqangi uSimayedwa, okunguyena yedwa onobuhlakani, akadunyiswe
ngoJesu Kristu phakade naphakade! Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1 kwelaseKhorinte

1 kwelaseKhorinte 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula engaqokwa ngokwentando kaNkulunkulu ngaba
ngumphostoli kaKristu Jesu; ivela nakumzalwane uSostene.

2Ilotshelwe ibandla likaNkulunkulu laseKhorinte nabo bonke ababizwe
nguNkulunkulu ukuba babe ngabantu bakhe abangcwele, behlukaniselwe yena
ngoKristu Jesu. Ilotshelwe nabo bonke abasezindaweni ngezindawo ababiza
igama leNkosi yethu uJesu Kristu, oyiNkosi yabo neNkosi yethu sonke.

3Sinifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu
Kristu.

UPawula ubonga iziphiwo zokomoya

4Ngimbonga njalo uNkulunkulu wami ngenxa yenu. Ngibonga isisa anenzele sona
ngoKristu Jesu,

5ngoba ngokuxhumana kwenu noKristu nibusiseke kakhulu ezintweni zonke,
ngesiphiwo sobuciko bokukhuluma nangolwazi lonke,

6njengoba ubufakazi obukhuluma ngoKristu baqiniswa kini.

7Yilokhu okwenza ukuba ningaphuthelwa lutho lweziphiwo enizamukeliswe
ngomusa, njengoba nisalindele ngabomvu ukuba iNkosi yethu uJesu Kristu
ibonakaliswe.

8Iyoniqinisa kuze kube sekugcineni, ningabi nacala mhla wosuku lweNkosi yethu
uJesu Kristu.

9Wethembekile uNkulunkulu owanimema ukuba nidlelane neNdodana yakhe
uJesu Kristu iNkosi yethu.

Uqhekeko ebandleni

10Ngiyanincenga bazalwane ngenxa yeNkosi yethu uJesu Kristu ongigunyazayo,
ngithi ake nivumelane ngenkulumo, ningabi maqembuqembu phakathi kwenu.
Bumbanani nibe munye, nibe nomqondo owodwa nombono owodwa.

11Sebengitshelile abathile bendlu yakwaKlowe ukuthi kukhona ukungezwani
phakathi kwenu.

12Ake ngikubeke kanje: Omunye uthi: “Mina ngilandela uPawula,” omunye athi:
“Ngilandela uApholo,” omunye athi: “Ngilandela uKhefase,” omunye athi:
“Ngilandela uKristu.”

13UKristu senimahlukanise namenza amaqembu na? NguPawula owabethelwa
esiphambanweni wanifela na? Nabhabhadiswa naba ngabafundi bakaPawula na?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngiyambonga uNkulunkulu ngoba angizange ngibhabhadise muntu ebandleni
lenu ngaphandle kukaKhrispu noGayiyu.

15Akukho muntu ongase athi nina nabhabhadiswa naba ngabafundi bami.

16Yebo, ngambhabhadisa noStefana nabendlu yakhe, kepha angikhumbuli
ngibhabhadisa abanye futhi.

17UKristu akangithumanga ukuba ngibhabhadise. Wangithuma ukuba
ngishumayele indaba ethokozisayo, kodwa ngingasebenzisi amazwi obuhlakani
babantu, ukuze ukufa kukaKristu esiphambanweni kungephucwa amandla akho
okusindisa.

UKristu ongamandla nokuhlakanipha kukaNkulunkulu

18Indaba yokubulawa kukaKristu esiphambanweni ingubuwula kwababhubhayo,
kepha kithina esisindiswayo ingamandla kaNkulunkulu.

19Kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “Ngiyokuchitha ukuhlakanipha
kwezazi, ngidide ukuqonda kwabakhaliphileyo.”

20Baphelelaphi-ke abahlakaniphileyo na? Nabazi izibhalo bagcinaphi na? Nalabo
abahlakaniphele amazwi okuqophisana nabanye kulomhlaba bayoba yini na?
UNkulunkulu akakhombisanga yini ukuthi ukuhlakanipha kwalomhlaba
kungubuwula na?

21UNkulunkulu wakwenza ngobuhlakani bakhe ukuba abantu bangabi nandlela
abayomazi ngayo bafinyelele kuye ngokwethembela ekuhlakanipheni kwabo.
Esikhundleni salokho wanquma ukuba abakholwayo basindiswe ngalobubuwula
esibushumayelayo.

22AmaJuda afuna ubufakazi bezimangaliso, amaGriki afuna kuvezwe ubufakazi
bokuhlakanipha.

23Kepha thina sishumayela uKristu obethelwe esiphambanweni, okuyisicasulo
emaJudeni nobuwula kwabezizwe.

24Kepha labo uNkulunkulu ababizileyo, abangamaJuda nabangamaGriki,
bashunyayezwa uKristu, yena ongamandla kaNkulunkulu nokuhlakanipha
kukaNkulunkulu.

25Lokho okubukeka kungubuwula bukaNkulunkulu kungukuhlakanipha
okwedlula ubuhlakani babantu, nalokho okungubuthakathaka bukaNkulunkulu
kunamandla kwedlula amandla abantu.

26Kuhle nikhumbule ukuthi naninjani bazalwane lapho uNkulunkulu enibiza.
Ngokubuka kwabantu nanimbalwa nje enanibonakala ningabahlakaniphileyo,
ninamandla, niyizikhulu ezaziwayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27UNkulunkulu waqoka lokho abantu balomhlaba abakubuka kungubuwula, ukuba ajabhise ngakho abahlakaniphileyo, wakhetha lokho abomhlaba abakubuka kungubuthakathaka, ukuba ajabhise abanamandla.

28Wakhetha lokho okubukelwa phansi, okudelelwayo kulomhlaba, lezozinto ezingelutho, ukuba achithe izinto eziwutho zingabi khona,

29kungabikho muntu ongase abe neqholo phambi kukaNkulunkulu.

30Nguyena onenze nahlanganyela kuKristu Jesu, uNkulunkulu owamenza waba ukuhlakanipha kwethu, wasithetha ngecala wasingcwelisa wasihlenga.

31Akube njengoba kulotshiwe embhalweni ongcwele ukuthi: “Lowo ozigabisayo makazigabise ngeNkosi! ”

1 kwelaseKhorinte 2

Ukushumayela uKristu obethelweyo

1Kuthe lapho ngifika kini bazalwane ngishumayela imfihlakalo kaNkulunkulu, ngangasebenzisa magama obuciko nabungcweti bokufunda.

2Kulenkathi ngisahlezi nani nganquma ukuba ngikukhohlwe konke, nginake kuphela uJesu Kristu ebethelwe esiphambanweni.

3Ekufikeni kwami kinina ngangingumuntu nje obuthakathaka ngithuthumela nginovalo.

4Angikhulumanga angishumayelanga ngabugagu nakuhlakanipha kwabantu, kodwa kwenziwa konke ngamandla oMoya kaNkulunkulu kwadela noma ubani,

5ukuba ukukholwa kwenu kungabi ngokuncike ekuhlakanipheni kwabantu kodwa kwakhelwe emandleni kaNkulunkulu.

UMoya usambulela izimfihlo

6Kepha kukhona izwi lokuhlakanipha engilishumayelayo kulaba abavuthiweyo ngokomoya. Kodwa kungukuhlakanipha okungekhona okwalomhlaba, kumbe kweziphathimandla ezibusa kulomhlaba ezimandla azo ayaphela.

7Ukuhlakanipha engikushumayelayo kuyimfihlakalo kaNkulunkulu. Kufihliwe kwabomhlaba, kanti wayesevele wakumisela udumo lwethu kudala umhlaba ungakadalwa.

8Amukho kubabusi balomhlaba owakuqondayo ukuthi kuyini lokhukuhlakanipha. Ukuba babekwazile ukuthi kuyini, babengeke bayibulale iNkosi yodumo bayibethele esiphambanweni.

9Kodwa lokhukuhlakanipha engikushumayelayo kuhambisana nokusho kombhalo ongcwele othi: “Okungazange kubonwe ngamehlo, okungazange kuzwiwe ngendlebe, okungazange kucatshangwe muntu, yikhona kanye lokhu uNkulunkulu ahlinzeke ngakho abamthandayo.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10UNkulunkulu wayambulela thina imfihlo yakhe, ekwenza lokho ngoMoya wakhe. UMoya oyiNgcwele uphenyisisa zonke izinto, uze uhlolisise nezinto ezijulileyo zikaNkulunkulu imbala.

11Ukujula kwemicabango yomuntu kwaziwa kuphela ngumoya wakhe lomuntu uqobo; kanjalo noMoya kaNkulunkulu yiwona kuphela oqonda okukaNkulunkulu.

12Asemukeliswanga umoya walomhlaba, kodwa semukeliswa uMoya ovela kuNkulunkulu, ukuba sikwazi konke uNkulunkulu asiphe khona.

13Ngakhoke esikushoyo asikukhulumi ngamazwi esiwafunde ngobuhlakani babantu, kodwa sisebenzisa amazwi esiwafundiswe nguMoya, esichaza ngawo amaqiniso okomoya kulabo abaholwa nguMoya oyiNgcwele.

14Ongenawo uMoya oyiNgcwele, ngeke akwemukele okoMoya kaNkulunkulu. Lomuntu onjalo angekuqonde lokhu, kuwubuwula kuyena ngoba ukuze ziqondakale lezizinto, nguMoya oyiNgcwele kuphela osiza umuntu.

15Umuntu onoMoya oyiNgcwele uyakwazi ukwahlulela kukho konke, kodwa yena ebe engehlulelwa muntu.

16Umbhalo ongcwele uthi: “Ngubani owaziyo umqondo weNkosi, ngubani ongalokotha ayeluleke na? ” Nokho thina sinawo lomqondo kaKristu.

1 kwelaseKhorinte 3

Izisebenzi ezibambisene noNkulunkulu

1Empeleni bengingenakukhuluma nani njengoba ngiyaye ngenze kubantu abanoMoya. Kwangifanela ukuba ngikhulume kini njengakubantu abangakaphenduki, abaseyizingane ezisakhasayo enkolweni yobuKristu.

2Nganiphuzisa ubisi, anginifunzanga ukudla okuqinileyo ngoba naningakakulungeli; anikakakulungeli namanje.

3Niseyibo ababuswa yimvelo yokonakala. Nxa kusekhona isikhwele phakathi kwenu, nisaxabana nodwa, aniyibo yini ababuswa yimvelo yabo nabaziphethe ngokwenqubo yalomhlaba na?

4Lapho omunye ethi: “Ngilandela uPawula,” nomunye athi: “Ngilandela uApholo” — ningaphika yini ukuthi nenza njengabomhlaba na?

5Lapho ebeyini nje uApholo? Ebeyini nje uPawula? Siyizinceku zikaNkulunkulu ezingatheni, okuyizona ezanenza nakholwa. Siyasebenza sobabili, yilowo nalowo ngokwabelwa kwakhe yiNkosi uJesu.

6Ngahlwanyela imbewu, uApholo wanisela, kodwa nguNkulunkulu owahlumisa isithombo.

7Ohlwanyelayo kanye nalowo oniselayo, bobabili kabalutho. NguNkulunkulu okunguyenayena, ngokuba uhlumisa isithombo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Akukho mehluko phakathi komuntu ohlwanyelayo nomuntu oniselayo,
uNkulunkulu uyabavuza ngamunye ngangokusebenza kwabo.

9Ngoba siyizisebenzi sibambisene noNkulunkulu, nina niyinsimu kaNkulunkulu.
Niyisakhiwo sikaNkulunkulu.

10Ngasebenzisa isiphiwo engasinikwa uNkulunkulu ngomusa, ngabeka isisekelo
ngasisungula njengengcweti yomakhi, kodwa kukhona omunye owakhelayo
phezu kwaso. Nokho wonke umuntu makaqikelele ukuthi wakhela kanjani kuso.

11Asikho esinye isisekelo umuntu angasibeka ngaphandle kwaleso esibekwe
nguNkulunkulu esinguJesu Kristu.

12Abanye basebenzisa igolide nesiliva namatshegugu lapho bakhela phezu
kwalesisisekelo, abanye basebenzisa ukhuni notshani nesiqunga.

13Kuyovezwa umsebenzi womuntu ngamunye ukuthi unjani, ngoba mhla wosuku
lokwahlulelwa iyodalulwa, umlilo wangalelolanga uyoyiveza imisebenzi,
uyihlunge ngamunye yaziwe ukuthi iluhlobo luni.

14Uma umsebenzi womuntu wakhelwe esisekelweni wadluliswa emlilweni
ungashanga, lowomuntu uyothola umvuzo.

15Kodwa uma umsebenzi womuntu ubhubhile emlilweni, uyobe ulahlekelwe, abe
esindile kodwa yena, kube sengathi usinde esha emlilweni.

16Anazi yini ukuthi niyithempeli likaNkulunkulu nokuthi uMoya kaNkulunkulu
uhlala kini na?

17Ochitha ithempeli likaNkulunkulu uyochithwa nguNkulunkulu futhi naye.
Ithempeli likaNkulunkulu lingcwele, nina niyilelothempeli.

18Akangazikhohlisi noyedwa umuntu! Uma ekhona phakathi kwenu ozibona
ehlakaniphile kulomhlaba, akaphenduke isithutha ukuze ahlakaniphe.

19Ukuhlakanipha kwalomhlaba kungubuphukuphuku kuNkulunkulu. Ngoba
kulotshwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “UNkulunkulu ubamba
abahlakaniphileyo ebuqilini babo.”

20Umbhalo ubuye uthi: “USimakade uyabazi ubuze bemicabango
yabahlakaniphileyo.”

21Akungabikho muntu ogabe ngomuntu! Empeleni konke kungokwenu.

22UPawula noApholo noKhefase bangabenu. Umhlaba wonke, ukufa nokuphila,
inkathi yamanje kanye neyangomuso, konke lokhu kungokwenu,

23kanti nina ningabakaKristu, noKristu ungokaNkulunkulu.

1 kwelaseKhorinte 4

Ubunceku babaphostoli

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Kufanele thina saziwe ukuthi siyizinceku zikaKristu eziphathiswe izimfihlakalo zikaNkulunkulu.

2Kumuntu ophathisiweyo kubizwa ukuba ethembeke.

3Kimi kuyinto engelutho ukwahlulelwa yinina kumbe abanye abantu, noma kusiphi isigcawu sasemhlabeni. Kwamina uqobo angizehluleli.

4Akukho lutho olungikhuba emoyeni, kodwa lokho akusho ukuthi anginaphutha. INkosi iyona engahlulelayo.

5Ngakhoke ningehluleli muntu isikhathi esifaneleyo singakafiki, iNkosi uJesu ingakabuyi. Yiyona eyoveza obala izimfihlo ezisekusithekeni, idalule izizindlo zezinhliziyo zabantu. Yilowo nalowo uyonconywa nguNkulunkulu ngokufaneleyo.

6Lokhu ngikushilo ngakuqondanisa nami noApholo, ngenzela nina bazalwane, ukuba nifunde kithi ukulandela isimiso esithi: “Ningaphambuki kulokho okulotshiweyo embhalweni ongcwele,” kungakhukhumali muntu athande omunye umholi enyanye omunye.

7Ngubani owathi wena ungcono kunabanye na? Awukunikwanga nguNkulunkulu yini konke onakho na? Pho ukhukhumalelani kube sengathi lokho onakho kwakungeyiso isipho na?

8Konje niyasutha senibhensile, nigwilikile anisantuli lutho! Seningamakhosi thina singakabi yiwo! Sengathi ningabusa, nathi sibuse kanye nani!

9Kubonakala sengathi uNkulunkulu wasibeka thina baphostoli endaweni ephansi edelelekileyo saba njengabantu abanqunyelwe ukufa, saba yisiga ezweni, kwabukela izingilosi nabantu.

10Thina siyiziphukuphuku ngenxa kaKristu, kepha nina ningosiyazi kwezikaKristu. Thina sibuthakathaka kepha nina ninamandla niqinile. Nina niyahlonishwa kepha sibukelwa phansi thina.

11Kuze kube yilomzuzu siyalamba siyoma, sihlubule siyangqutshuzwa singondingasithebeni.

12Sizondla ngokuzikhandla. Siyaqalekiswa kodwa sibusise, siyahlushwa kodwa siqinisele.

13Siyanukubezwa kodwa siphendule kahle sithambise umoya. Kuze kube manje asehlukene thina novobo walomhlaba, siyizibi kuwo wonke umuntu.

14Angikulobi lokhu ukuba nginihlazise kepha ngenzela ukunisola njengabantabami engibathandayo.

15Yize noma omeseki benu beyizinkulungwane benengamele enkolweni yenu yobuKristu, uyihlo munye. Ngaba uyihlo nganizala ngokunishumayeza indaba ejabulisayo, nahlanganyela kuKristu Jesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Ngakhoke ngiyaninxusa ukuba ningilingise.

17Yiso lesisizathu esibanga ukuba ngithumele kini uThimothi umntanami othandekayo nowethembekileyo esibambisene naye ekukholweni kuJesu iNkosi. Uyonikhumbuza zonke izimiso zenkolo yobuKristu engizilandelayo nengizifundisa amabandla ezindaweni ngezindawo.

18Kukhona asebekhukhumele lapho, sengathi angisezi kini.

19Kanti-ke sengifikile khona manje uma iNkosi ivuma, ekufikeni kwami ngingazihluphi ngezinkulumo zabo, kepha kengibabone kahle ukuthi amandla abo ahamba agcinephi.

20Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awuyi ngokukhuluma, kodwa ungowamandla.

21Nikhethani? Ngifike kini ngiphethe uswazi noma ngize ngomoya wothando nobunene na?

1 kwelaseKhorinte 5

UPawula wahlulela amanyala obufebe

1Kubikwa ukuthi kudlange amanyala obufebe phakathi kwenu, lobu ongebuthole ngisho nakwabangakholwayo, kuthiwa kunomuntu okipite nomkayise.

2Nisalokotha nikhukhumale uma kunje na? Nifanele ukufikelwa ngamahloni, anqunywe ebandleni lowo ogile lomkhuba.

3Angikho ngomzimba kepha ngikhona ngomoya, sengimehlulele kudala egameni leNkosi uJesu lomuntu owenze lawamanyala, kube sengathi ngikhona lapho.

4Ekubuthaneni kwenu, nami ngikhona lapho ngomoya, ngamandla esinawo eNkosi yethu uJesu,

5lomuntu onjalo makamiswe ebandleni anikelwe kuSathane ukuba kubhujiswe imvelo yakhe yokonakala, kusindiswe umoya wakhe mhla wosuku lweNkosi uJesu.

6Ukuzisho kwenu akulungile. Beningazi yini ukuthi imvubelo encane iyibilisa yonke inhlama na?

7Yichitheni imvubelo endala yesono nibe yinhlama entsha njengoba ningenamvubelo. Ngoba uKristu uyiwundlu lethu lePhasika elahlatshwa lenziwa umnikelo.

8Asiwugubheni lomkhosi, kodwa kungabi ngesinkwa esifakwe imvubelo endala yesono nokonakala, kodwa akube ngesinkwa esingenamvubelo, isinkwa sobumsulwa neqiniso.

9Encwadini enganilobela yona nganixwayisa ukuba ningajwayelani nabantu bemikhuba yobufebe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Kodwa ngangingasho bona abangakholwayo, bona bengabemikhuba yobufebe, behaha, bengamasela, bekhonza izithixo. Uma nizama ukubagwema, kungadinga ukuba niwushiye lomhlaba ningahlali kuwo.

11Kanti bengiqonde ukuthi, xwayani ningajwayelani nomuntu ozibiza athi ungumzalwane, kepha abe efeba, ahahe, ekhonza nezithixo, inhlebi nesidakwa nesela. Nize ningadli ngisho okhambeni olulodwa nalowo!

12Kodwa ngabe ngihlushwe yini nje nempela ukuba ngingaze ngahlulele abantu abangakholwayo na? Kufanele nahlulele abasebandleni.

13NguNkulunkulu oyokwahlulela abangaphandle kwebandla. Umbhalo ongcwele uthi: “Mchitheni phakathi kwenu lomuntu owonakeleyo! ”

1 kwelaseKhorinte 6

Ukumangalelana kwabazalwane phambi kwabangakholwayo

1Uma omunye phakathi kwenu ebanga nomunye umzalwane, uya kanjani ayommangalela kwabangakholwayo esikhundleni sokuba udaba alwethule kubazalwane balucubungule bona na?

2Anazi yini ukuthi abantu bakaNkulunkulu yibona abayokwahlulela umhlaba? Uma nikwazi ukwahlulela umhlaba ningehlulele ngani ezintweni ezincane?

3Anazi yini ukuthi siyokwahlulela izingilosi? Akuyukwedlulela kakhulu yini kunokwahlulela kwethu ezintweni zalokhukuphila na?

4Uma kuqubuka amacala aloluhlobo, niyowamangala kubantu ababukelwa phansi ebandleni na?

5Yihlazo leli. Bekungasekho muntu yini ohlakaniphile phakathi kwenu ongahle ahlanganise abazalwane na?

6AmaKristu angamangalelana wodwa na, abangakholwayo behlulele ecaleni labo?

7Kusobala ukuthi niyizehluleki zempela ngoba senize namangalelana emthethweni. Kwalani ukuba nani kenoniwe? Akungcono khona yini ukuba niphangwe?

8Esikhundleni salokho niyonana nina nodwa, niyaphangana, nikwenza nakubazalwane imbala.

9Kodwa kanazi yini ukuthi ababi abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu na? Ningazikhohlisi. Abenza amanyala obufebe, nabakhonza izithixo, neziphingi, nongqingili,

10namasela, nabahahayo, nezidakwa, nabathukayo, nabaphangi, kabayukulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Kade babenje abanye phakathi kwenu, kepha nina senahlanzwa nangcweliswa, kwabalelwa kini ukulunga ngegama leNkosi uJesu Kristu nangoMoya kaNkulunkulu wethu.

UNkulunkulu masimdumise ngemizimba yethu

12Omunye angase athi: “Nginelungelo lokwenza noma yini.” Yebo kunjalo, kodwa akukhona konke okusizayo. Ngingasho nami ngithi ngivunyelwe ukwenza noma yini, kodwa akukho engizokuvumela ukuba kungigqilaze.

13Omunye uzothi: “Ukudla kungokwesisu, nesisu singesokudla,” kodwa uNkulunkulu uyokubhubhisa kokubili. Umzimba awusiwona owemikhuba yobufebe, kepha owokuba kukhonzwe iNkosi ngawo, ngoba yiNkosi eyondla umzimba.

14UMvelinqangi wayivusa iNkosi uJesu ekufeni, uyosivusa nathi ngamandla akhe.

15Kanazi yini ukuthi imizimba yenu iyizitho zomzimba kaKristu na? Ngingakwenza yini ukuba ngithathe isitho somzimba kaKristu ngisenze ilungu lomzimba wesifebe na? Ngeke!

16Anazi yini ukuthi umuntu olala nesifebe uba gazi linye naso na? Ezingcwele zilotshwe zasho ngokusobala ukuthi: “Laba bobabili bayokuba mzimba munye.”

17Kodwa lowo ozihlanganisa neNkosi uba munye nayo ngokomoya.

18Gwemani imikhuba yobufebe. Yonke inhlobo yesono eyenziwa umuntu ayiwuthinti umzimba wakhe, kepha lowo onecala lomkhuba wobufebe wona umzimba wakhe uqobo.

19Anazi yini ukuthi imizimba yenu iyithempeli loMoya oyiNgcwele ohlala kinina enawuphiwa nguNkulunkulu na? Anisibona abenu kodwa ningabakaNkulunkulu.

20Wanithenga ngentengo, ngakhoke imizimba yenu yisebenziseleni udumo lukaNkulunkulu.

1 kwelaseKhorinte 7

Izinkinga zasemshadweni

1Manje-ke ake singene odabeni enangilobela ngalo! Umuntu wenza kahle uma engashadi.

2Kodwa ngenxa yobufebe osebande kangaka kuhle ukuba ileyo naleyondoda ibe nomkayo, nokuba wonke umuntu wesifazane abe nomyeni wakhe.

3Indoda mayiwugcine umsebenzi wayo wobulili kumkayo, nowesifazane makawugcine umsebenzi wakhe njengenkosikazi.

4Owesifazane akanakuzinqumela ngomzimba wakhe, yindoda enqumayo. Ngokufanayo indoda ayinakunquma ngomzimba wayo, yinkosikazi enqumayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ningancishani nichilizane! Kungaba kuphela uma nivumelene nobabili ukuba kenizithibe okwesikhashana lapho nisazinikele ekukhulekeni, kodwa bese nibuye nihlangana futhi. Ngalendlela niyomahlula uSathane ningamniki izaba zokunilinga ngoba nehluleka ukuzithiba.

6Akusho ukuthi ngokunitshela lokhu sengishaya umthetho, kodwa ngiyaneluleka nje.

7Ngokwami bengifisa sengathi ningaba njengami, kodwa phela yilowo nalowo unesiphiwo sakhe esivela kuNkulunkulu, omunye unikwe lesi, omunye uphiwe lesiya.

8Kwabangashadile nabafelokazi ngithi bekungakuhle uma bebezihlalela bangashadi, bafane nami.

9Kodwa uma behlulwa yimizwa yenhliziyo kungcono bavele bashade kunokushiswa yinkanuko.

10Kwabashadileyo nginomyalo ongewona owami kodwa ovela eNkosini othi inkosikazi ayingayishiyi indoda yayo.

11Kodwa uma kwenzeka iyishiya, ayihlale ingenamuntu noma ibuyisane nendoda yayo; indoda ayingehlukanisi nomkayo.

12Sekuzisholo mina kulaba abanye, kungasasho yona iNkosi, ngithi uma umzalwane enenkosikazi engakholiwe izithandela ukuhlala naye, akangayichithi ngesehlukaniso.

13Uma umzalwane wesifazane egane indoda engakholiwe ivuma ukuhlala naye, akangayifaki isehlukaniso.

14Indoda engakholiwe iyemukeleka kuNkulunkulu ngokuhlanganiswa nomkayo, nenkosikazi engakholiwe iyemukeleka kuNkulunkulu ngokuhlanganiswa nendoda yayo ekholwayo. Ukuba akunjalo ngabe izingane zabo ziyizingane ezingahlanzekile. Kodwa njengoba kunje bayemukeleka kuNkulunkulu.

15Uma ongakholiwe efuna ukwahlukanisa nekholwa aganene nalo, kulungile akenze njalo! Entweni enjalo, lowo ongumKristu engumyeni noma eyinkosikazi akaboshelwe, angamkhulula. UNkulunkulu wanibizela ukuhlala ngokuthula.

16Wazi ngani nkosikazi ekholwayo ukuthi kanti mhlawumbe indoda yakho ubuzoyisindisa na? Wazi ngani wena ndoda ekholwayo ukuthi kanti mhlawumbe umkakho ubuzomsindisa na?

Phila impilo oyabelwe yiNkosi

17Wonke umuntu akaphile leyompilo abe eyabelwe yiNkosi engakaphenduki, angayiguquli indlela abephila ngayo lapho uNkulunkulu embiza. Lomthetho ngiwubeka kuwo wonke amabandla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Umuntu obizwa nguNkulunkulu esesokile akangazisusi izimpawu zokusokwa kwakhe. Uma ebizwa engakasokwa, akangabe esasoka.

19Ukusoka nokungasoki akulutho, okuyikhona kufunekayo ukuba umuntu agcine umyalo kaNkulunkulu.

20Wonke umuntu akahlale ebangeni lobuntu lelo aphenduka evele ekulona mhla ebizwa nguNkulunkulu.

21Wabe uyisigqila yini ngenkathi uNkulunkulu ekubiza? Akungakukhathazi lokho! Kodwa uma livela ithuba lokuba ukhululeke, lithathe!

22Isigqila esabizelwa ukuba umKristu singokhululekileyo weNkosi, nakanjalo lowo owabizwa ekhululekile uyisigqila sikaKristu.

23UNkulunkulu wanithenga ngentengo, ngakhoke aningabe nisaba yizigqila zamuntu.

24Bazalwane, umuntu akakhonze uNkulunkulu aqhubeke nempilo ayeyiphila ngenkathi ebizwa.

Abafelokazi nabangashadile

25Manje mayelana nabantu abangashadile, akukho myalo engiwuthunywa yiNkosi, kodwa ngibeka umbono wami. Ngenxa yobubele engibenzelwe yiNkosi kufanele ngethenjwe.

26Lapho umuntu ebona yonke lenkathazo ekhona, ngibona kungcono ukuba indoda izihlalele injalo.

27Uma unayo inkosikazi, musa ukulinga ukuyichitha. Uma ungashadile, yeka ungashadi.

28Kodwa uma ngabe ushada, kawenzi sono ngalokho, nentombi kayenzi sono ngokushada. Abashadileyo bayohlangana nezinkathazo mihla kulokhukuphila; ngokwami bengingathanda ukuba niphephe kuzo.

29Bazalwane ngiqonde ukuthi isikhathi sifushane. Kusukela manje amadoda ashadile mawaziphathe njengabantu abangashadile.

30Kwabakhalayo akube sengathi kabadabukile, abahlekayo makube sengathi kabeneme, nabathengayo akube sengathi lokhu abakuthengile akukhona okwabo.

31Labo abaphathelene nezinto zalomhlaba akube sengathi kabathintene nazo. Ngoba isimo salomhlaba siyadlula.

32Ngifuna ukuba ningakhathazeki ngalutho. Insizwa engashadile ikhathalela umsebenzi weNkosi ngoba ihlala ifuna ukujabulisa iNkosi.

33Indoda eshadileyo inaka okomhlaba ifuna ukujabulisa umkayo,

34bese idonseka nxazombili ngapha nangapha. Owesifazane ongaganile kumbe oseyintombi ukhathalela umsebenzi weNkosi, abe ngowehlukaniselwe yona

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ngokomzimba nangokomoya, kodwa oganileyo ukhathalela okomhlaba, ukuthi angayijabulisa kanjani indoda yakhe.

35Ngikusho lokhu kini ukuba nisizakale, angiqonde khona ukunicindezela. Ngifuna ukuba nenze okuyimfanelo, nizinikele emsebenzini weNkosi ningathiywa lutho.

36Mhlawumbe kukhona othile ozinyezayo ngokuthi wenza okungeyikho ngokungayicabangeli intombi yakhe. Uma ehluleka ukuzibamba, ebona kufanele bashade, abasale sebeshada ngokuthanda kwakhe. Asikho isono kulokho.

37Kepha uma umuntu esenqumile engqondweni yakhe ukuthi akazukushada, engaphoqekile, eyehlula imizwa yakhe esenqumile waqeda, wenza kahle uma engayishadi intombazane.

38Umuntu oshadayo wenza into enhle, kodwa lowo onquma ukungashadi nguyena oncomekayo

39Inkosikazi eshadileyo ayikhululekile uma indoda yayo isaphila, kodwa uma ifa indoda, umkayo ukhululekile usengashada naleyondoda athanda ukushada nayo, kodwa akwenziwe ngobukholwa.

40Ngokwami ukubuka sengathi ubeyothokoza kakhulu ukuba ubezihlalele eyedwa. Bengithi nami nginawo uMoya kaNkulunkulu.

1 kwelaseKhorinte 8

Imihlatshelo eyenzelwe izithixo

1Mayelana nemihlatshelo eyenzelwa izithixo, siyazi ukuthi ulwazi sinalo sonke. Ulwazi luyakhukhumeza kodwa uthando luyakha.

2Uma kukhona umuntu ozibona ukuthi unolwazi akakabi nalo njengoba kufanele.

3Kepha umuntu othanda uNkulunkulu waziwa uNkulunkulu.

4Endabeni yokudla imihlatshelo yezithixo siyazi ukuthi isithixo empeleni siyinto engekho, nokuthi amukho omunye uNkulunkulu, munye kuphela okhona.

5Noma kungaze kuthiwe bakhona onkulunkulu ezulwini kumbe nasemhlabeni, bebaningi labonkulunkulu nalawomakhosi,

6kodwa thina sinoMvelinqangi uyedwa uBaba oyisisusa sakho konke, wasidala ukuba siphilele yena. SineNkosi eyodwa uJesu Kristu okwadalwa ngaye konke okukhona, yena esiphila ngaye thina.

7Akuyibo bonke abantu abalaziyo leliqiniso. Kukhona abathile abajwayela izithixo ngangokuthi kuze kube namhlanje badla lokhukudla bakholelwe ekutheni kusengokwezithixo. Unembeza wabo ubuthakathaka, babona sengathi lokhukudla kuyabangcolisa.

8Ukudla kungesakhele ugazi kuNkulunkulu. Asizukulahlekelwa lutho uma singadli, kanti asizukuthola lutho uma sidla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Qaphelani ukuba inkululeko yenu ingabi yisikhubekiso kwababuthakathaka enkolweni.

10Ake kwenzeke omunye kulaba abanonembeza obuthakathaka akwelamele udla ethempelini lezithixo, ekubeni wena kuthiwa unolwazi; akumkhuthazi yini athole izaba zokuba adle ukudla okwenzelwe izithixo na?

11Bese ebhubha ngesizathu solwazi lwakho lomuntu ongumzalwane uKristu amfela.

12Niyoba necala kuKristu ngokona kanje kubazalwane nilimaze onembeza babo ababuthakathaka.

13Uma ukudla kumkhubekisa bese ona umzalwane, ngeke ngiphinde nanini ngiyidle inyama, ukuba ngingamwisi umzalwane one.

1 kwelaseKhorinte 9

Amalungelo omphostoli

1Angisiyena yini kanti umuntu okhululekileyo na? Angiyena yini umphostoli na? Angiyibonanga yini kanti iNkosi yethu uJesu ngalawa omabili na? Aniyiwo yini nina uqobo lwenu umphumela womsebenzi engawenzela iNkosi uJesu na?

2Yize abanye bengathandi ukuvuma ukuthi ngingumphostoli, nina kodwa niyangemukela. Nina nodwa nje niwubufakazi obuqandulayo bokuthi yiNkosi uJesu engimisile ukuba ngibe umphostoli.

3Ngiyaziphendulela uma ngigxekwa abantu, ngithi:

4Kanginalo yini ilungelo lokondliwa ngokudla nesiphuzo na?

5Anginalo yini ilungelo lokwenza okwenziwa ngabanye abaphostoli, nabanawe beNkosi, noKhefase, ngiphelezelwe ngumzalwane wesifazane ongumkami na?

6Nisho ukuthi yithi sodwa sinoBhanabhasi esifanele ukuzondla na?

7Nake nakuzwaphi ukuthi ibutho libuye lizikhokhele lona izindleko zokulwa impi na? Nake nakuzwaphi ukuthi umlimi akanakuzidla izithelo zesivini asitshalileyo na? Nokuthi umalusi angeludle ubisi lomhlambi awalusayo na?

8Ngabe ngikusho lokhu ngoba ngikususela kubantu na? Ingani nawo umthetho kaNkulunkulu ukubeka kanjalo.

9Kulotshwe emthethweni kaMose kwathiwa: “Ungayifaki isifonyo inkabi ngenkathi ibhula isivuno! ” Sizothi uNkulunkulu ukhathalela izinkabi na?

10Kanti wayengabhekisile kithi yini mhla ekhuluma lokhu na? Empeleni kulotshelwe thina, kwathiwa umuntu olimayo nomuntu obhula isivuno mabenze umsebenzi wabo benethemba lokwemukeliswa esivunweni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Siyitshalile imbewu yokomoya phakathi kwenu. Sisephutheni yini uma sicela
isondlo kini na?

12Njengoba abanye bafika kini balithole lelilungelo, thina-ke asinalo yini ilungelo
eledlula elabo na? Kepha besingakaze silisebenzise lelilungelo. Esikhundleni
salokho sikubekezelele konke ukuba singalithiyi ivangeli elilanda ngoKristu.

13Niyazi ukuthi lababantu abasebenza ethempelini badla ukudla kwasethempelini,
nokuthi laba abethula iminikelo elathini badla uphawini wemihlatshelo.

14Ngokunjalo iNkosi ikumisile ukuba laba abashumayela indaba emnandi
bondliwe ngalomsebenzi wabo.

15Angikaze ngisebenzise nelilodwa lalawamalungelo, kanti futhi angilobi kanje
ngoba ngizifunela wona. Ngingamane ngife nokufa! Amukho ongase angephuce
lokho engineqholo ngakho.

16Ukushumayela kwami indaba ethokozisayo akunginiki izaba zokuqhosha,
ekubeni ngivele ngicindezelekile ukuba ngiyishumayele, ngithanda ngingathandi.
Ngingehlelwa okwesabekayo uma ngike ngangayishumayela indaba emnandi.

17Ukuba ngiwenza lomsebenzi wami ngoba ngaziqokela, bengiyobheka iholo,
kodwa ngisebenza ngoba ngithunyiwe, ngakhoke ngiwenza njengomsebenzi
engijutshwe ukuba ngiwenze.

18Ngiholani ngalokho na? Yilokhu ukuthi indaba emnandi ngiyayishumayela
yemukelwe ngesihle. Angizange ngizifunele lungelo ngenxa yomsebenzi wami
wokuyimemezela.

19Ngikhululekile, angisigqila samuntu, kodwa ngiyazenza isigqila sawo wonke
umuntu ukuze ngibathole kakhulu babe baningi abakholwayo.

20Uma ngisasebenza phakathi kwamaJuda, ngiphila njengomJuda ukuze
ngiwathole. Yize ngingekho phansi komthetho kaMose, kodwa uma ngisebenza
phakathi kwalabo abaphansi komthetho ngiziphatha njengabo ngibazuze.

21Lapho ngiphakathi kwabezizwe ngiphila njengabo, ngibe ngaphandle komthetho
wamaJuda, ukuze ngibathole abezizwe. Akusho lokhu ukuthi angiwulaleli
umthetho kaNkulunkulu, ngoba ngiphansi komthetho kaKristu.

22Kulabo ababuthakathaka ekukholweni ngiba buthaka njengomunye wabo ukuze
ngibazuze. Ngiba yikho konke kubo bonke abantu ukuze ngithuke ngisindisa
abathile kubo.

23Konke lokhu ngikwenzela ivangeli, ukuze nami ngibe nesabelo ezibusisweni
zalo.

24Niyazi ukuthi lapho kungqayiselwana ngejubane, bayaye basubathe bonke,
kepha umklomelo uzuzwa ngoyedwa qhwaba. Gijimani kanjalo khona nizozuza
umklomelo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Lowo ongqayiselana nabanye uzithiba kuzo zonke izinto. Bayakwenza lokho kodwa bebe bezokwamukeliswa umqhele wamaqabunga abunayo; kepha thina sikwenzela umqhele ohlala phakade.

26Yikho ngigijima ngiqonde ngithi ngqo ngiphikelele ukufika ekugcineni kwebanga, kungakho nje ngilingisa umshayi wesibhakela ongageji ashaye umoya.

27Ngiyawuqinisa umzimba wami ngiwudube ngiwunqobe, hleze kuthi lapho sengishumayeza abanye ngibaphonsa, inselelo, ngaliwe kuthiwe angifanele.

1 kwelaseKhorinte 10

Isixwayiso ngokukhonza izithixo

1Ake nginikhumbuze bazalwane ngalokho okwehlela okhokho beholwa nguMose ehlane. Basithezwa bonke yifu, badabula bonke oLwandle oluBomvu bawelela ngaphesheya.

2Kulelifu nakulolulwandle babhabhadiswa bonke benziwa abalandeli bakaMose.

3Bahlangana bakudla bonke lokhokudla okungokomoya,

4bonke baphuza sona lesosiphuzo sokomoya. Baphuza amanzi avela edwaleni loMoya elalibaphekezela. Lelodwala lalinguKristu uqobo lwakhe.

5Phezu kwalokho uNkulunkulu akagculiswanga yiningi labo, izidumbu zabo zasakazeka zadindiliza ehlane.

6Lezozinto ezenzekayo ziyisixwayiso kithi ukuba singakhanukeli ububi njengoba babenza.

7Musani ukukhonza izithixo njengoba abanye babo babenza. Umbhalo ongcwele uthi: “Abantu bahlala phansi badla baphuza, base besukuma sebesina.”

8Asingawenzi amanyala obufebe njengoba abanye babo babenza, kwacekelwa phansi izinkulungwane ezingamashumi amabili nantathu ngosuku olulodwa.

9Asingayiqali iNkosi njengoba babenza abanye babo, base bezawulwa yizinyoka zababulala.

10Ningakhononi njengoba abanye babo babenza, base bebulawa yingilosi ebhubhisayo.

11Zonke lezizinto zabehlela zaba yisixwayiso kwabanye, zalotshwa phansi ukuba nathi sifunde kuzo, ngoba izinsuku esiphila kuzo sekungezokugcina.

12Ngakhoke lowo othi usemi uqinile, akaqaphele ukuba angawi!

13Ukuvivinywa konke esenidlule kukho kuyikho lokho okufikela bonke abantu. UNkulunkulu uthembekile, ngeke avume ukuba nilingwe ngaphezu kwamandla enu okuqinisela. Lapho nifikelwa yisiwombe sokuvivinywa, uyonipha amandla

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

okuqinisela, anitshengise nendlela eniyophunyula ngayo, ukuze nikwazi ukukubekezelela.

14Ngakhoke, bazalwane bami abathandekayo, gwemelani inkonzo eyenzelwa izithixo.

15Ngikhuluma kinina enihluzeke imiqondo, yahlulelani nina kulokhu engikushoyo.

16Indebe esiyiphuzayo siyibongele esidlweni seNkosi, sidumisa uNkulunkulu ngayo, lapho siphuza kuyo sihlanganyela egazini likaKristu. Lapho sihlephula isinkwa sisidle, sihlanganyela emzimbeni kaKristu.

17Njengoba isinkwa sisodwa, nathi sonke simzimba munye yize sibaningi, ngoba sihlephulelana isinkwa esisodwa.

18Ake nicabange ngosiko okuqhutshwa ngalo esizweni sakwaIsrayeli: labo abadla okweminikelo bayahlanganyela enkonzweni yelathi.

19Ngiqondeni ngalokhokusho na? Ngabe ngiqonde ukuthi isithixo kumbe ukudla okuhlatshelwe sona kuwutho olutheni na?

20Qha, kodwa ngiqonde ukuthi imihlatshelo yabangakholiwe yenzelwa amadimoni, kayenzelwa uNkulunkulu. Angifuni neze ukuba nidlelane namadimoni.

21Ngeke nasheba, niphuze indebe yeNkosi nibuye niphuze eyamadimoni. Ngeke nidle esithebeni seNkosi nibuye futhi nidle esithebeni samadimoni.

22Ngabe siqonde ukuba iNkosi isikhwelezele na? Sinawo yini amandla edlula awayo na?

Konke akwenziwe ukuba kudunyiswe uNkulunkulu

23Abanye bayaye bathi: “Konke kuvunyiwe.” Yebo kunjalo, kodwa akulungile konke ukuba kungasisiza. Bathi: “Zonke izinto zivumelekile.” Yebo, kodwa akuyizo zonke ezakhayo.

24Akangabi bikho umuntu ogombela kwesakhe, kepha makafunele abanye okuhle.

25Nikhululekile ukuba nidle noma kuyini okuyinyama ethengisayo, unembeza wenu angaphenyi ukuthi ivelaphi.

26Ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Ukugcwala komhlaba kungokukaSimakade, nakho konke okukuwona.”

27Uma nimenywa umuntu ongakholwayo edilini lakwakhe nithanda ukuya khona, yidlani lokho abaniphakela khona, ngaphandle kokubuza izinto eziningi ngokudla lokho ngenxa kanembeza.

28Kodwa uma nisukelwa umuntu athi kini: “Lokhu kuyinyama ehlatshelwe izithixo”, ningayidli leyonyama ngenxa yalowo osho njalo, nangenxa kanembeza —29kungengenxa kanembeza wakho, kodwa kungenxa kanembeza walona

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

omunye. Umbuzo uzothi: “Ngihlushwe yini ukuba inkululeko yami iphazanyiswe unembeza womunye umuntu na?

30Uma ngikudla ukudla kwami ngikubongele kuNkulunkulu angangisolelani omunye umuntu, uma ngikudla ngenhliziyo ebongayo na? ”

31Lokho enikwenzayo, ingabe niyadla noma niyaphuza, kwenzeni konke ukuba kudunyiswe uMvelinqangi.

32Ziphatheni kahle ngendlela engezukubanga isikhubekiso emaJudeni noma kwabezizwe, noma ebandleni likaNkulunkulu.

33Yenzani njengoba kwenza mina. Ngiyaye ngizame ukubajabulisa bonke kulokho engikwenzayo, ngingazicabangeli mina ngedwa, kodwa ngibanakekela bonke, ukuze basindiswe.

1 kwelaseKhorinte 11

1Ngilingiseni njengoba nami ngimlingisa uKristu.

Abesifazane mabathwale ekhanda

2Ngiyanincoma ngoba ningikhumbula kukho konke, nibambelela ezifundisweni njengoba ngazidlulisela kinina.

3Kodwa ngifuna ukuba nazi ukuthi uKristu uyinhloko yayo yonke indoda njengalokhu inhloko yowesifazane yindoda, kanti inhloko kaKristu nguNkulunkulu.

4Leyondoda ekhuleka noma iphrofethe ishuqule ikhanda, ihlazisa inhloko yayo enguKristu.

5Lowo wesifazane othandaza kumbe aphrofethe engashuqule uhlazisa umyeni wakhe oyinhloko yakhe. Akwehlukene nokuthi uphucile ekhanda.

6Uma owesifazane engathwele ekhanda akamane agunde izinwele zakhe. Njengoba kungamahloni ukuba owesifazane aphuce ikhanda, noma agunde izinwele zakhe, kufanele athwale ekhanda.

7Asikho isidingo sokuba indoda imboze ikhanda, lokhu itshengisa isimo sobukhosi bukaNkulunkulu. Owesifazane utshengisa ubukhosi bendoda.

8Indoda kayivelanga kowesifazane, kodwa ngowesifazane owavela endodeni.

9Ngoba indoda yayingadalelwanga owesifazane, kodwa ngowesifazane owadalelwa indoda.

10Ngenxa yezingilosi kufanele ukuba owesifazane athwale ekhanda, akhombise ukuthi uphansi komthetho wendoda yakhe.

11Kulabo abangabeNkosi uJesu, owesifazane angezimele yedwa ngaphandle kwendoda, nendoda kayizimele yodwa ngaphandle kowesifazane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Njengalokhu owesifazane wavela endodeni, ngokunjalo indoda izalwa ngowesifazane; uMvelinqangi nguyena ongumsuka wakho konke.

13Yehlulelani nina ngokwenu ukuthi ngabe kumfanele yini owesifazane ukuba akhuleke kuNkulunkulu enkonzweni engathwele lutho ekhanda na?

14Ingani imvelo uqobo lwayo iyanifundisa ukuthi izinwele ezinde zingamahloni kumuntu wesilisa,

15kodwa kowesifazane ziwubukhosi bobuhle bakhe. Uphiwe amagoda ezinwele amade ukuze amboze ngawo ekhanda.

16Kepha uma kukhona ophika inkani ngalokhu, engikushoyo ukuthi thina kanye namabandla kaNkulunkulu asinalo olunye usiko esiqhuba ngalo enkonzweni.

Ukuhlanekezelwa kwesithebe seNkosi

17Kuleziziyalo esengizoninika zona anginincomi, ngoba nxa nihlangana enkonzweni niqoqana ukuba nenze umonakalo kunokuba nenze okuhle.

18Okokuqala, ngizwa ukuthi kunamaqembu ameleneyo phakathi kwenu; ngicishe ngikukholwe lokho.

19Kufanele abe khona amaqembu kinina ukuze baphumele obala abaqotho.

20Lapho nibuthana ndawonye, nisuke ningahlanganeli ukuba nidle isidlo seNkosi.

21Lapho senidla yilowo uvele azidlele okwakhe ukudla, abanye babe belambile, abanye badakwe.

22Kungoba ningenayo yini imizi yenu lapho ningadla niphuzele khona na? Mhlawumbe nedelela ibandla likaNkulunkulu, nenyelisa izimpofana na? Ngabe nibheke ukuba ngithini kini ngalokhu na? Nithi kanginincome na? Lutho-ke ngeke!

Ukumiswa kwesithebe seNkosi

(Mat 26:26-29; Mark 14:22-25; Luk 22:14-20)

23Ngasemukela eNkosini isifundiso engasidlulisela kini sokuthi: Ngobusuku iNkosi uJesu akhashelwa ngabo, wathatha isinkwa

24wabonga kuNkulunkulu, wasihlephula wathi: “Lokhu kungumzimba wami onikelwa ngenxa yenu; kwenzeni lokhu ukuba ningikhumbule.”

25Kuthe sebedlile wabuye wathatha indebe wathi: “Lendebe iyisivumelwano esisha sikaNkulunkulu esiqiniswa yigazi lami. Anovama ukukwenza lokhu lapho niyiphuzayo, ukuba ningikhumbule.”

26Njalo nxa nisidla lesisinkwa niphuze lendebe, nimemezela ukufa kweNkosi uJesu ize ibuye.

27Ngakhoke lowo odla lesisinkwa seNkosi aphuze lendebe yayo ngokungafanele, unecala lokuhlambalaza umzimba negazi leNkosi.

28Umuntu akazihlolisise kanduba adle isinkwa aphuze indebe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Lowo odlayo aphuze engawazisi umzimba weNkosi, uzidlela aziphuzele icala.

30Kungakho iningi lenu libuthakathaka ligula nje, abanye benu sebeze bafa.

31Ukuba besiyozihlolisisa kuqala singakasondeli esithebeni, besingayukwahlulelwa.

32Kepha isisahlulele yasijezisa iNkosi ukuba singalahlwa kanye nabomhlaba.

33Ngakho kuhle nilindane bazalwane lapho niqoqana ukuba nidle isidlo seNkosi.

34Uma kukhona olambileyo akadle ekhaya, ukuze ningahlulelwa uNkulunkulu lapho nihlangene. Malungana nezinye izindaba sengiyozilungisa mhla ngifikayo.

1 kwelaseKhorinte 12

Iziphiwo zoMoya oyiNgcwele

1Ngithanda ukuba nazi bazalwane mayelana neziphiwo zoMoya oyiNgcwele.

2Niyazi ukuthi kulenkathi nisengabangakholwayo, naniye nizwe nihuheka ukuba niyokhonza izithixo eziyiziduli.

3Kungakho ngithanda ukuba nazi ukuthi akukho muntu okungathi nxa eholwa nguMoya kaNkulunkulu athi: “UJesu uqalekisiwe.” Kanti amukho futhi ongahle athi: “UJesu uyiNkosi,” uma engaholwa nguMoya oyiNgcwele omvumisayo.

4Kukhona izinhlobo ezahlukeneyo zeziphiwo, zibe kodwa zingezaMoya munye ozabayo.

5Kukhona izikhundla ezahlukeneyo zokusebenzela iNkosi, kepha kube kukhonzwa yona leyoNkosi eyodwa.

6Zehlukile iziphiwo okusetshenzwa ngazo, kodwa munye uNkulunkulu obapha bonke amandla okufeza yonke imisebenzi abayenzayo.

7Bonke baphiwa ngamunye iziphiwo ozibonakalisa ngazo uMoya, ukuze basizakale.

8UMoya unikeza othile ukuba ashumayele ngokuhlakanipha, omunye uphiwa ulwazi oluvela kuwo lowoMoya,

9omunye uphiwa ukukholwa okuvela kuwo lowoMoya, omunye uphiwa yiwo lowoMoya iziphiwo zokuphilisa abagulayo.

10Omunye uphiwa nguMoya amandla okwenza izimangaliso, omunye umuphe isiphiwo sokushumayela aphrofethe, omunye umuphe amandla okukwazi ukwahlukanisa phakathi kweziphiwo ezivela kuwo uMoya oyiNgcwele nalezo ezingaveli kuwo. Omunye umnika amandla okukhuluma ngezilimi ezingaziwa, omunye umuphe amandla okuchaza okushiwoyo.

11Kuseyiwona lowoMoya owenza konke lokhu, ubapha bonke ngamunye iziphiwo ezahlukeneyo ngokwentando yawo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Umzimba owodwa wakhiwe ngezitho ezimbalwa

12 Ibandla likaKristu linjengomzimba owodwa onezitho ezahlukeneyo. Kusengumzimba munye, yize ubunjwe ngezitho ezahlukeneyo.

13 Kunjalo nakithina sonke, noma singamaJuda noma abezizwe, noma siyizigqila noma abakhululekileyo, sonke sibhabhadiselwe kulomzimba owodwa yiwo lowoMoya, sinikezwe ukuba siphuze kuwo lowoMoya.

14 Umzimba awakhiwe ngesitho esisodwa vo, kodwa wakhiwe ngezimbalwa.

15 Uma unyawo lungase luthi: “Mina angisona isandla, ngakhoke angisiyena owomzimba,” lokhokusho kwalo kungelwahlukanise ukuba lungabi ngolomzimba.

16 Indlebe isenokuba ithi: “Ngoba angisilona iso, kusho ukuthi angiyena owomzimba,” kodwa lokho ngeke kuyehlukanise nomzimba.

17 Ukuba umzimba wonke waguquka iso, wawuyozwa kanjani na? Ukuba wawuyindlebe yodwa kuphela, wawuyohogela ngani?

18 Manje-ke uNkulunkulu wahlanganisa izitho ezehlukeneyo zaba umzimba owodwa, njengalokhu ayehlosile ukuba kube njalo.

19 Kwakungeke kwaba umzimba ukuba konke kwakuyisitho esisodwa.

20 Njengoba kunje, izitho ziningi kodwa umzimba munye.

21 Iso alinakusho esandleni lithi: “Wena angikudingi,” kumbe ikhanda lithi ezinyaweni: “Nina angisanidingi.”

22 Empeleni singeze salunga uma zingekho lezizitho ezibukeka zibuthakathaka.

23 Lezizitho esithi thina azilutho, yizona kanye esizinakekela kakhulu, nezitho zomzimba esinezinhloni ngazo, yizona esizihlonipha kakhulu.

24 Lokhu akudingekile kulezizitho ezibukekayo. UMvelinqangi wawubumba umzimba ngesu lokuba kuhlonishwe izitho ezikudingayo,

25 ukuba kungabi bikho ukwahlukana emzimbeni, kodwa zonke izitho ezehlukeneyo zilekelelane ngamoya munye.

26 Uma isitho esisodwa somzimba sihlupheka, ezinye zihlupheka zonke kanye naso, uma kunconywa esisodwa, nezinye zithokoza zonke kanye naso.

27 Nina ningumzimba kaKristu, yilowo nalowo wenu uyisitho sawo.

28 UNkulunkulu ukumise konke ngononina ebandleni: kuqala kube abaphostoli, kulandele abaphrofethi, abesithathu kube ngabafundisayo. Bese kulandela laba abenza izimangaliso, balandelwe yilaba abaphiwe amandla okuphilisa abagulayo, kulandele abaneziphiwo zokusiza abanye, nokuhola abanye, nokukhuluma ngezilimi ezingaziwayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Kabayibo bonke abaphostoli, nabaphrofethi, nabafundisayo, nabenza izimangaliso.

30Akuyibo bonke abaneziphiwo zokuphilisa nezokukhuluma ngezilimi nezokuhumusha.

31Kepha shisekelani ukufuna lezoziphiwo ezibalulekile!

Uthando

Sengizonikhombisa indlela ezedlula zonke lezi.

1 kwelaseKhorinte 13

1Noma ngikhuluma izilimi ngezilimi, ezabantu ngisho nezezingilosi, kodwa uma ngingenalo uthando ngifana nethusi elikhencezayo, ngizwakala njengensimbi ekhenqezayo.

2Noma nginesiphiwo esingandile sokuba ngumphrofethi ngishumayele, ngiqonde izimfihlakalo zonkana noma ngingaba nolwazi lonke, ngibe nokholo olunamandla amakhulu olukwazi ukugudluza izintaba, kepha uma ngingenalo uthando kusho ukuthi angiyinto yalutho.

3Noma ngikwaba konke enginakho ukuba kondliwe izimpofana noma-ke ngizidela amathambo ngishiswe ngamalangabi omlilo, kodwa uma ngingenalo uthando ngeke kungisize ngalutho.

4Uthando luhlala lubekezela; lunomusa uthando, alunamhawu. Uthando aluzigabisi aluzikhukhumezi,

5aluziphathi ngendlela engafanele, alugodli luziphandele kwesalo, alucasuki lufutheke ngolaka, alubambi magqubu uma loniwe,

6aluthokozi ngalokho okungalungile kepha luyakujabulela okuyiqiniso.

7Lubekezelela izinto zonke, lukholwa izinto zonke, lwethemba izinto zonke, lunyamezelela izinto zonke.

8Uthando alupheli nanini. Kuyophela isiphiwo sokuphrofetha, kunqamuke esokukhuluma ngezilimi, kukhawuke esolwazi siphele.

9Ulwazi lwethu luyinto engaphelele, nokuphrofetha kwethu akuphelele,

10kepha uma sekufika okupheleleyo lezozinto ezingaphelele ziyokhawuka.

11Ngiseyingane ngakhuluma njengengane, umqondo wami wawungumqondo wengane, ngangilokhu ngicabanga njengengane. Lapho sengikhulile sengiyindoda ngase ngiyeka ukwenzisa okwengane.

12Manje sisabona izinto njengasesibukweni zibonakala kalufifi ziyinkinga, ngale siyozibona njengoba zinjalo. Manje ulwazi lwami aluphelele, kwelizayo ngiyokwazi konke kahle njengalokhu ingazi kahle iNkosi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Manje-ke kumi lezizinto ezintathu: ukukholwa nethemba nothando, kodwa okukhulu kulokhu uthando.

1 kwelaseKhorinte 14

Ukukhuluma ngezilimi nokuphrofetha

1Shisekelani uthando, nilangazelele nezinye iziphiwo zoMoya oyiNgcwele, ikakhulu isiphiwo sokushumayela niphrofethe.

2Lowo okhuluma ngezilimi ukhuluma ebhekise kuNkulunkulu engaqondise kubantu. Akukho muntu omzwayo ukuthi uthini, ngoba lokho akukhulumayo eqhutshwa uMoya oyiNgcwele ukukhipha kuyinjula engaqondwa muntu.

3Kepha lowo ophrofethayo ukhuluma kubantu ukuze bakheke, baqungeke isibindi baduduzeke.

4Lowo okhuluma ngezilimi uyakheka emoyeni wakhe, kanti lowo ophrofethayo wenza ukuba kwakheke ibandla.

5Ngithanda sengathi ningakhuluma nonke ngezilimi, kodwa-ke ikakhulu sengathi nonke ningaba nesiphiwo sokuphrofetha. Ophrofethayo uyamedlula okhuluma ngezilimi, uma kungekho ozihumushayo, ibandla lonke lakheke.

6Manje-ke bazalwane kuyonisiza ngani ukuba ngifike kini ngikhuluma ngezilimi na? Ngalutho, ngaphandle kokuba ngifike ngikhulume kini lokho engikwambulelwe nguNkulunkulu, kumbe nginethulele ulwazi noma isiphrofetho noma isifundiso esithile.

7Umtshingo nogubhu nezinye izimfijoli ezingenamphefumulo zikhipha imvunge. Kuyokwazeka kanjani ukuthi kudlalwa yiphi imvunge, uma zingalehlukanisi iphimbo lazo na?

8Uma umuntu ekhalisa icilongo lingasasho ngephimbo elaziwayo, ngubani oyohloma aphume impi na?

9Nani-ke futhi, uma ningachachisi izinhlamvu enizikhuluma ngomlomo wenu, nithi abantu bayonizwa kanjani ukuthi nithini? Kuyofana nokuthi niyahhuma nje.

10Ziningi izilimi ezehlukeneyo ezikhulunywa emhlabeni, kodwa akukho lulimi okungase kuthiwe alusho lutho.

11Kepha uma ngingalwazi ulimi olukhulunywayo, lowo okhulumayo uba ngowezizwe emehlweni ami, kanti futhi nami ungibuka angifanise nowezizwe.

12Nakini kunjalo. Njengoba nishiseka ngokwamukela iziphiwo zoMoya oyiNgcwele, ikakhulu khuthalelani lezo ezakhayo ebandleni.

13Umuntu okhuluma ngezilimi makakhulekele ukuba akwazi nokuhumusha ukuthi lokhokukwitiza kuthini.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Uma ngikhuluma ngezilimi ngithandaza, umoya wami uyakhuleka, kodwa ingqondo yami ayihlanganyeli kulokho.

15Uma kunje, kufanele kwenzekeni? Ngizokhuleka ngomoya, ngikhuleke nangokuqonda futhi, ngihube ngomoya wami, ngibuye ngihube nangokuqonda kwami.

16Uma ubonga udumisa uNkulunkulu ngomoya wakho, angavuma kanjani lomuntu oseyimfunda osenkonzweni asho uAmeni kulowomkhuleko wakho wokubonga na? Akanandlela yokwazi ukuthi wena uthini.

17Yize noma umkhuleko wakho wokubonga ungamuhle kangakanani, omunye akakheki nakancane.

18Ngiyambonga uNkulunkulu ngoba ngikhuluma izilimi nginedlule nonke.

19Kodwa uma ngisenkonzweni ngikhetha ukukhuluma ngokuqonda kwami amazwi abe yisihlanu ukuze kufunde nabanye, kunokuba ngikhulume ngezilimi inkulungwane yamazwi.

20Bazalwane kuyekeni ukucabangisa okwezingane; yibani yizo izingane ekuxwayeni ububi, kodwa nikhule nibe badala ngemiqondo.

21Kulotshiwe embhalweni ongcwele kwathiwa: “USimakade uthi: ‘Ngiyokhuluma kulesisizwe ngisebenzise abantu bezilimi ezikwitizayo nezindebe zemilomo yabezizwe. Kodwa noma kunjalo asiyikungilalela engikushoyo.’ ”

22Ngakhoke ukukhuluma ngezilimi kuyisibonakaliso esifakaza kwabangakholwayo, qhabo kulaba abakholwayo, kanti isiphiwo sokuphrofetha siqondene nabakholwayo, asiqondene nabangakholwayo.

23Uma ibandla kwenzeka lihlangana ndawonye, bese wonke umuntu ekwitiza ngezilimi, kungene abaseyizimfunda enkolweni noma abangakholwayo, abayukusho yini ukuthi niyahlanya na?

24Kodwa uma bonke bephrofetha, bese kungena umuntu ongakholwayo noma oseyimfunda, uyahlabeka ngokona kwakhe lapho elalele. Wehlulelwa yikho konke akuzwa kukhulunywa.

25Imfihlo yemicabango yakhe ivezwa obala, abeseguqa phansi edumisa uNkulunkulu evuma ukuthi uNkulunkulu ukhona ngempela phakathi kwenu.

Konke makwenziwe ngendlela efaneleyo

26Yini-ke enye elandelayo bazalwane? Akuthi njalo nxa nihlangene, omunye aphathe ihubo, omunye afundise, omunye ethule lokho akwembulelwe nguNkulunkulu, omunye akhulume ngezilimi, omunye eze nencazelo. Makwenziwe konke ukuze kwakheke ibandla!

27Uma kukhona okhuluma ngezilimi, abakhulume babe babili noma babe bathathu bededelana, bese kuhumusha oyedwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Kepha uma kungekho muntu ohumushayo, abathule du enkonzweni, bakhulume ngaphakathi babhekise kuNkulunkulu.

29Akuphrofethe babe babili noma babe bathathu, kodwa abanye mabathule bahlulele lokho okushiwoyo.

30Uma kukhona ohleziyo enkonzweni bese emukela umlayezo ovela kuNkulunkulu, lowo obesevele ekhuluma akanqamule inkulumo ame.

31Ningaphrofetha nonke ngokudedelana ngamunye ukuze bonke bafunde bakhuthazeke.

32Ngoba umoya walowo ongumphrofethi uyamthobela.

33Phela uNkulunkulu akayena uNkulunkulu wesiphithiphithi kepha ungowokuthula. Njengakuwo onke amabandla,

34abesifazane abazothe bathule emabandleni, ngoba abakuvunyelwe ukukhuluma, kodwa abazehlise bathobe njengoba umthetho usho.

35Uma kukhona abafuna ukukwazi abakubuze kubayeni babo besekhaya. Kuyihlazo ukuba umuntu wesifazane akhulume enkonzweni.

36Asenicabanga yini ukuthi izwi leNkosi lavela kini na? Kumbe nithi leza kinina nodwa kuphela na?

37Uma kukhona osezishaya umphrofethi kumbe ethi unesiphiwo soMoya oyiNgcwele, akaqonde kahle ngokusobala ukuthi engikulobileyo kungumyalo weNkosi.

38Kepha uma engakushayi mkhuba lokhu, akanakwa lowo.

39Ngakhoke bazalwane shisekelani ukuphrofetha, kodwa ningakunqabeli ukukhuluma ngezilimi!

40Izinto zonke azenziwe ngesizotha nangendlela efaneleyo!

1 kwelaseKhorinte 15

Ukuvuka kukaKristu ekufeni

1Ngithanda ukunikhumbuza bazalwane ngendaba emnandi enganishumayeza yona nayemukela, okugxile kuyo ukukholwa kwenu.

2Yilelivangeli enisindiswa ngalo uma ninamathela kulo njengalokhu ngalishumayela kini. Uma kungenjalo anisizakalanga, nokukholwa kwenu kwaba yize.

3Ngakudlulisela kini lokho engakubalula ukuthi kumqoka, nami engakwemukelayo, ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengoba kulotshiwe emibhalweni engcwele,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4nokuthi wambelwa, wavuka ekufeni ngosuku lwesithathu njengoba kulotshiwe emibhalweni,

5wabonakala kuKhefase, nakubaphostoli abayishumi nambili.

6Wabonakala kubazalwane abangamakhulu ayisihlanu ngesikhathi esisodwa, iningi labo elisaphilayo, noma kambe abanye sebalala.

7Wayesebonakala kuJakobe nakubo bonke abaphostoli.

8Ekugcineni wabonakala nakimi engingelutho, mina engifana nalowo okwaphuphuma isisu wazalwa singakafiki isikhathi.

9Ngoba ngiwutondo kubaphostoli, angifanele nokubizwa ngelomphostoli ngoba ngangilihlupha ibandla likaNkulunkulu.

10Kepha ngenxa yomusa kaNkulunkulu ngiyilokho engiyikho, nomusa wakhe angenzele wona awuzange ube ngoweze. Kanti-ke mina ngisebenze kakhulu ngabedlula bonke abaphostoli, noma kwakungemina, kodwa kwakungumusa kaNkulunkulu abelokhu engenzela wona.

11Akukhathaleki ukuthi kwasebenza bona noma mina, inqobo ukuthi yilo lelivangeli esilishumayelayo enalikholwayo.

Ukuvuka kwabafileyo

12Uma kushunyayelwa uKristu owavuswa kwabafileyo, bakusho kanjani abanye benu ukuthi akukho ukuvuka kwabafileyo na?

13Uma kungekho kuvuka kwabafileyo, kusho ukuthi uKristu akakaze avuswe.

14Kodwa uma uKristu engakaze avuswe, ukushumayela kwethu kuphenduka imfeketho, nokukholwa kwenu kube yize.

15Bese sitholakala simqambela amanga uNkulunkulu uma sithi wavusa uKristu engazange amvuse — uma ngempela kuyiqiniso ukuthi abafileyo kabavuswa.

16Ngoba uma abafileyo bengenakuvuswa, kanjalo-ke noKristu akavuswanga.

17Kodwa uma uKristu engazange avuswe, ukukholwa kwenu kuyiwuwa, nisahlezi ezonweni zenu.

18Uma kunjalo kusho ukuthi babhubha laba asebalala ubuthongo bafela kuKristu.

19Uma ithemba lethu esibambelela ngalo kuKristu kuyileli eliphelayo ligcine kulokhukuphila, sifanele ukudatshukelwa kakhulu thina kunabo bonke abantu.

20Kodwa manje uKristu uvusiwe kwabafileyo, uyingqalabutho yabaleleyo.

21Ukufa kweza ngomuntu, kanjalo nokuvuka kwabafileyo kweza ngaye umuntu.

22Njengoba befa bonke ngoba bevela kuAdamu, kanjalo ngoKristu bayovuka bonke baphile.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Bayovuka yilowo nalowo ngesigaba sakhe: kwaqala ngoKristu oyingqalabutho, sekuyolandela abakaKristu ngenkathi yokubuya kwakhe.

24Bese kufika umhla wokuphela, lapho uKristu eyokwethula khona umbuso kuNkulunkulu uYise eseyichithile yonke imimoya ebusayo nephethe ubukhosi namandla.

25Usazobusa njalo aze azinyathele zonke izitha zakhe.

26Isitha sokugcina esiyobhujiswa ngukufa.

27Imibhalo engcwele ithi: “Wazihlela zonke izinto wazithobisa zaba phansi kwezinyawo zakhe.” Kusobala ukuthi lapho kuthiwa “zonke izinto” akabaliwe uNkulunkulu uqobo lwakhe, owabeka zonke izinto zaba phansi kukaKristu.

28Lapho izinto zonke sezibekwe phansi kweNdodana, yona uqobo lwayo iyozihlela phansi kukaNkulunkulu, owabeka zonke izinto wazihlela phansi kwayo. UNkulunkulu abesebusa jikelele phezu kwakho konke.

29Uma ngempela abafileyo bengavuki, pho bahlose ukufezani lababantu ababhabhadiselwa ababo abafileyo na? Basabhabhadiselwa abafileyo ngasizathu sini na?

30Thina-ke, kungani ukuba silengele eweni yonke imizuzu na?

31Bazalwane, iqholo enginalo ngani ebunyeni bami noKristu Jesu iNkosi yethu liyangifakazela ukuthi ngikhuluma iqiniso uma ngithi ngibhekana nokufa imihla ngemihla.

32Lapha Efesu ngalwa nabantu abanonya lobulwane . Bekuyongisiza ngani ukuba ngikwenze lokhu, kanti ngicabangisa okwabantu balomhlaba abathi abafileyo abayikuvuka na? Uma kunjalo, asilandele isaga esithi: “Asidle siphuze, ngoba ngomuso siyokufa! ”

33Ningalutheki! “Ukujwayelana nabantu bemikhuba emibi kungcolisa izimilo ezinhle.”

34Ake niphaphame nibuyele emqondweni osileyo wokulunga ningabe nisona. Kukhona phakathi kwenu abantu abangamazi uMvelinqangi, ngalokho-ke ngithi aninamahloni ninehlazo.

Umzimba abavuka nawo abafileyo

35Omunye angahle abuze athi: “Abafileyo bavuswa kanjani na? Umzimba abavuka nawo unjani na? ”

36Siphukuphukundini! Lokho okuhlwanyelayo kungeqhume kuphile uma kungaqalanga kwafa.

37Lokho okuhlwanyelayo akusona isithombo esisazomila, kepha kuyinhlamvu engakaqhumi, mhlawumbe kakolweni noma olunye uhlobo lwembewu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

38UMvelinqangi nguyena oqhumisa imbewu ibe yisithombo ngokuqoka kwakhe, uhlamvu lwembewu lulunye uluhlumisa lube yilesosithombo asibona sifanele.

39Imizimba yakho konke okuphilayo ayakhiwe ngesicubu esifanayo. Abantu banohlobo olulodwa lwesicubu, izilwane zinokunye ngokwazo, izinyoni zinohlobo lwazo, izinhlanzi zinohlobo lwazo zodwa.

40Kukhona izikhanyiso zasemkhathini nezinto zasemhlabeni. Ubuhle bezikhanyiso ezisesibhakabhakeni behlukile ebuhleni balezozinto ezisemhlabeni.

41Inhlamvu yelanga ikhangisa ubuhle balo, inyanga yehlukile ngobayo ubuhle, izinkanyezi ziqhakaza ngobuhle obungandile, kanti zona zizodwa zilokoza zehlukane.

42Kuyoba kanje nangamhla abafileyo bevukayo bephila. Lowomzimba ombelwayo usuke ungofayo, kuthi lapho usuvuswa kwabafileyo ube ongafiyo.

43Uma usumbelwa uba mubi udeleleke, kodwa lapho usuvuswa uba muhle ukhange. Kumbelwa umzimba obuthakathaka, lapho usuvuswa uyoba umzimba oqatha.

44Ugqitshwa ungumzimba wemvelo okade unomphefumulo, kodwa lapho usuvusiwe uba ngumzimba ongumoya. Njengalokhu kukhona umzimba wemvelo onomphefumulo, kukhona nomzimba ongumoya.

45Uqonde lokhu umbhalo ongcwele lapho uthi: “Umuntu wokuqala, uAdamu, waphefunyulelwa waphila,” kepha uAdamu wokugcina waba nguMoya ophilisayo.

46Akuqalisanga ngalokho okungumoya kepha kwaqalisa ngalokho okungokwemvelo okunomphefumulo, kanduba kulandele okungumoya.

47UAdamuwokuqala owayebunjwe ngomhlabathi wavela emhlabeni. UAdamu wesibili wavela ezulwini.

48Labo abangabomhlaba bafuze lowo owabunjwa ngomhlabathi, labo abangabezulu bafuze lowo owavela ezulwini.

49Njengoba silugqokile ufuzo lwalomuntu owenziwa ngomhlabathi, kanjalo siyolwembatha ufuzo lwalomuntu ongowasezulwini.

50Engiqonde ukunitshela khona bazalwane ukuthi okuyinyama negazi kungeke kwalidla ifa lombuso kaNkulunkulu, okubolayo kungeke kulidle ifa lokungaboli.

51Ake nginitshele nansi imfihlakalo! Asiyukulala sonke, kodwa thina sonke siyoguqulwa

52ngomzuzwana owodwa, ngokuphazima kweso, lapho icilongo likhala ngomhla wokuphela. Liyokhala icilongo, abafileyo bavuke bengenakuphinde bafe, nathi sonke siyoguqulwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

53Lokhu kwemvelo ebhubhayo kumele kuguqulwe kube okwemvelo engabhubhiyo; lemvelo efayo ibe ngengafiyo.

54Uma lokhu kwemvelo ebhubhayo sekuguqulwe kwaba okwemvelo engabhubhiyo, nalemvelo efayo yaba ngengafiyo, kuyogcwaliseka umbhalo ongcwele othi: “Ukufa kuchithiwe kwanqotshwa.”

55“We kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? We kufa, luphi udosi lwakho na? ”

56Udosi lokufa yisono, isono sithola amandla emthethweni.

57Akabongwe uNkulunkulu osinqobisa ngeNkosi yethu uJesu Kristu!

58Ngakhoke bazalwane bami abathandekayo, yimani niqine ningavumi ukunyakaziswa, nikhuthale njalo emsebenzini weNkosi uJesu, nazi ukuthi isithukuthuku senu asichithekeli ubala lapho nisebenzela iNkosi.

1 kwelaseKhorinte 16

Umnikelo oqoqelwa abazalwane baseJerusalema

1Mayelana nomnikelo oqoqelwa abazalwane baseJerusalema, kuhle niwuqoqe njengoba ngalayeza nasemabandleni aseGalathiya ukuba nawo enze njalo.

2Akube yilowo nalowo anikele ngangokubusiseka kwakhe ngosuku lwangeSonto, imali ikhwezwe, ukuze kunganikelwa ngoba sengize ngafika.

3Ekufikeni kwami ngiyobaphathisa izincwadi abayoziveza phambili labo eniyobaqokela uhambo, bese ngibathuma ukuba bahambise isipho senu eJerusalema.

4Uma kudingekile ukuba ngihambe mathupha, kulungile bangangiphekezela.

UPawula uhlela uhambo

5Ngiyotheleka lapho kini emva kokudabula kwelaseMasedoniya — ngoba ngihlose ukunqamula kwelaseMasedoniya.

6Mhlawumbe ngiyongenisa kini, noma ngihlale kini ubusika bonke, ukuze ningisize ukuba ngiqhubeke nohambo lwami lapho ngiyolibhekisa khona.

7Bengingathandi okwamanje ukuba nginithi nhla bese ngedlula; bengifisa sengathi ngingake ngithi ukuhlala nani uma iNkosi ivuma.

8Ngisazohlala kodwa lapha Efesu kuze kushaye umkhosi wePhentekhoste,

9ngoba ngivulekelwe yisikhala esibanzi sokuba ngingene ngisebenze kabanzi, yize noma izitha zizining kangaka.

10Uma uThimothi efika lapho anomenza ancibilike phakathi kwenu, ngoba usebenza umsebenzi weNkosi uJesu njengami.

11Akangadelelwa muntu! Uma esehamba mvaleliseni kahle ngokuthula, ngoba ngimlindele ukuba afike lapha kanye nabazalwane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Umzalwane wethu uApholo ngangimkhuthazile ukuba eze kanye nabazalwane bazonibona, kodwa bekungeyona neze inhloso yakhe ukuba eze manje. Uyofika uma ithuba livela.

Isicelo sokugcina nokuvalelisa

13Qaphani nime nigxile enkolweni, nime isibindi, nibe namandla!

14Kwenzeni konke ngothando!

15Bazalwane, niyabazi abomndeni wakoStefana ukuthi bayingqalabutho yamaKristu aphenduka kwelaseAkhaya. Bazinikele ukuba basize abazalwane. Ngiyaninxusa bakwethu

16ukuba nithobele ubuholi babantu abanjalo, nabo bonke abasebenzayo bethwalisene nabo.

17Ngename kakhulu ngokufika kukaStefana noFothunathu noAkhayikho. Basivalile isikhala sesizungu senu,

18bangizimazisa njengoba nani bebenethabisa. Nize nibahloniphe abantu abanje.

19Ayakhonza amabandla aseAsiya. Ngegama leNkosi uJesu bayakhonza oAkhwila noPhrisila kanye nebandla elibuthana kwabo.

20Abazalwane bonke bayakhonza. Nize ningikhonzele nibingelelane ngokwanga kwabakholwayo!

21Mina Pawula ngiloba lomkhonzo ngesandla sami mathupha.

22Uma kukhona umuntu ongayithandiyo iNkosi uJesu, akaqalekiswe!

Marana tha — woza, Nkosi yethu!

23Salani nomusa weNkosi uJesu!

24Uthando lwami luhlala nani nonke ngoKristu Jesu. Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kwelaseKhorinte

2 kwelaseKhorinte 1

Isibingelelo

1Lencwadi ilotshwe yimina Pawula engathunywa ngokwentando kaNkulunkulu ngaba umphostoli kaKristu Jesu; ivela nakumzalwane uThimothi. Ilotshelwe ibandla likaNkulunkulu laseKhorinte nabo bonke abangcwele abakhe kulo lonke elaseAkhaya.

2Sinifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

Ukubonga kukaPawula esedlule ezinhluphekweni

3Akabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, uBaba osenzela ububele, uNkulunkulu okuvela kuye yonke induduzo!

4Kuzo zonke izinkathazo zethu uyasikhuthaza asiduduze, ukuze nathi sikwazi ukusiza abanye ngayo lendlela esasizwa sakhuthazwa ngayo nguNkulunkulu.

5Njengoba sihlanganyela ezinhluphekweni eziningi zikaKristu, kanjalo sihlanganyela ngoKristu nasosizweni olukhulu uNkulunkulu asiduduza ngalo.

6Nxa sihlupheka, sihluphekela ukuba nikhuthazwe nisindiswe; uma siduduzwa, nani niyakhuthazwa nithole amandla okuba nibekezelele ngesineke zona lezonhlupheko esizithweleyo.

7Ithemba esigabe ngalo mayelana nani liqinile. Siyazi ukuthi njengoba nihlanganyela ezinhluphekweni zethu, niyohlanganyela nasosizweni esiduduzwa ngalo.

8Ake sinikhumbuze bazalwane ngenkathazo esanqwamana nayo kwelaseAsiya. Sasindwa ubunzima obase bungaphezu kwamandla ethu okubekezela, saze sadela ukuthi sisayobuye siphile.

9Ithunzi lokufa salizwa saba njengabanqunyelwe ukufa. Kepha kwenzeka lokhu ukuze singazethembi thina, kodwa sethembe uNkulunkulu ovusa abafileyo.

10Wasophula lapho ukufa sekuthi akusigwinye, futhi usayosisindisa. Sibeke ithemba kuye lokuthi usayosisindisa nangomuso,

11njengoba nisisiza ngemikhuleko yenu. Imithandazo yabaningi abasithandazela yona isayophendulwa, uNkulunkulu bese esibusisa. Baningi abayosibongela kuye.

Ukuhlehla kohambo lukaPawula

12Siyazincoma ngonembeza wethu ofakazayo ukuthi ukuziphatha kwethu kulomhlaba, ikakhulu ubudlelwane obuphakathi kwethu nani, bebubuswa ubuqotho neqiniso lonke elivela kuNkulunkulu, kungengakuhlakanipha kwamuntu kepha ngomusa kaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Sinilobela kuphela lokho enikwazi ukuzifundela khona nikuqonde. Ngiyethemba
ukuthi kuyonifikela ukuba nikuqonde ngokupheleleyo lokhu

14enikuqonda ingxenye okwamanje: ukuthi niyozigabisa ngathi ngomhla wosuku
lweNkosi yethu uJesu, njengoba nathi siyoba neqholo ngani.

15Ngangisethembeni lalokhu ngaze nganquma ukuba ngihambele nina kuqala,
ukuba nibusiseke okwesibili.

16Nganginqume ukuba nginihambele ngedlule kini mhla ngibange
kwelaseMasedoniya nalapho sengibuya, ukuba ningisize endleleni yami ebheke
kwelaseJudiya.

17Nithi nganginqikaza yini lapho ngenza lesisinqumo na? Uma ngisuke ngenza
izinqumo zami, nithi ngingugombela kwesakhe, ukuba sengingathi “yebo”,
ngibuye ngithi “qha” khona lapho na?

18Ngifunga ngiyagomela phambi kukaNkulunkulu othembekileyo ngithi
ngesikhathi sikhuluma kini asizange sibe ngombaxambili abathi “yebo” babuye
bathi “qha”.

19UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu eyashunyayelwa kini nguSilasi
noThimothi kanye nami, akayena othi “yebo” abuye athi “qha”, kepha kuyena
kunguyebo kuphela.

20NgoKristu kuthiwa “yebo”, kuqiniswe zonke izethembiso zikaNkulunkulu.
Kungakho sisho uAmeni ngoJesu Kristu ukuba kudunyiswe uNkulunkulu.

21Owenza ukuba thina kanye nani sigxile kuKristu, nguyena uNkulunkulu.
Usahlukanisele yena,

22wasishaya uphawu lokuthi singabakhe, wasipha uMoya oyiNgcwele
ezinhliziyweni zethu, oyisibambiso sakho konke akugcinele thina.

23Ngibiza uNkulunkulu ukuba ngifakazise ngomphefumulo wami ukuthi
ngangiphephisa nina njengoba ngingayanga eKhorinte.

24Kasinifaki ngekhanda ekukholweni; esikhundleni salokho sisebenzelana nani
ekuthokozeni kwenu ngoba nimi nigxilile ngokukholwa.

2 kwelaseKhorinte 2

1Nganquma ukuba nginganikhathazi imimoya lapho sengiphinda nginivakashela.

2Uma nginidabukisa sengobuye ngijatshuliswe ngubani ngaphandle kwenu nina
kanye enginibangela umunyu na?

3Ukuze ngibhale kanjeyana kwakungesizathu sokuthi ngangingathandi ukuthi nxa
ngifika bangephule umoya labo ebebefanele ukungijabulisa. Bengihleli njalo
nginethembile ukuthi nani nithokoza ngokuthokoza enginakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Ngaloba ngenkathi ngikhathazeke kakhulu emoyeni, nginobuhlungu nemvula yezinyembezi, ngingahlosile ukunidabukisa kepha ukuba nikwazi ukujula kothando enginithanda ngalo.

Ukuthethelelwa komoni

5Kukhona omunye kini odabukise abanye. Akangikhathazanga mina kodwa unikhathazile nonke. Ukuze ngingakhulumi ngeqise, angithi ubadabukisile abanye benu ngandlela thile.

6Iningi lebandla limjezise kahle lomuntu sekwanele.

7Kodwa-ke salani senimthethelela nimduduze angaze eqiwe kakhulu usizi lwenhliziyo.

8Ngiyanincenga-ke ukuba nikhombise ukuthi niyamzwela nimthande.

9Yingakho nginilobele nje nce nginihlole ukuthi umthetho wenu niyalalela yini kukho konke noma qha.

10Enimthethelelayo nami futhi ngiyamthethelela. Ngimthethelele uma bekukhona engingamthethelela kukho. Lokhu ngikwenzele nina phambi kukaKristu,

11ukuze uSathane angasizakali ngathi, ngoba sihlezi nje asibulibele ubuqili aphezu kwabo.

UPawula ukhathazeka emzini waseTrowa

12Kuthe lapho ngifika eTrowa ukuba ngishumayele khona indaba emnandi elanda ngoKristu, ngafica umnyango usuvulekile ukuba ngisebenzele iNkosi,

13kodwa umoya wami awukhululekanga ngoba ngingamtholanga umzalwane uThithusi lapho. Ngase ngivalelisa kwabalapho ngaya eMasedoniya.

Singabathunjwa bakaKristu onqobayo

14Akabongwe uNkulunkulu osinqobile wasithumba wemuka nathi! Njengoba sisebunyeni noKristu usihola njalo asisebenzise ukuba yonke indawo kwande ulwazi ngoKristu lube ngamakha amnandi.

15Siyiphunga likaKristu elithaphuka kamnandi lethulwe kuNkulunkulu, linukele abasindiswayo nababhubhayo.

16Ababhubhayo libanukela kabi livimbanise libulale, kodwa kwabasindiswayo lithaphuka kamtoti baphile. Ngubani ofanele ukuthwala lomsebenzi na?

17Thina asifani nabaningi abadlala ngezwi likaNkulunkulu badle ngalo, kepha njengoba uNkulunkulu esithumile sikhuluma ngeqiniso lonke phambi kwakhe siyizinceku zikaKristu.

2 kwelaseKhorinte 3

Izinceku zesivumelwano esisha

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Ngabe sesiyazincoma yini futhi ngokusho njalo? Kumbe njengabanye sidinga izincwadi ezisincomayo eziya kini noma ezivela kini na?

[2]Nina niyincwadi yethu elotshwe ezinhliziyweni zethu ukuba yaziwe ifundwe yibo bonke abantu.

[3]Kukhanya ngokusobala ukuthi niyincwadi kaKristu eyavela ngokusebenza kwethu. Ayilotshwanga ngosiba kepha yalotshwa ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo. Ayiqoshwanga ezibhebheni zamatshe kepha yalotshwa ezibhebheni zezinhliziyo zabantu.

[4]Sinaleliqholo ngoba sethemba uNkulunkulu osipha amandla ngoKristu.

[5]Akukho lutho esingaziqhayisa ngalo sithi lungolwethu, kodwa amandla ethu okwenza utho avela kuNkulunkulu.

[6]Nguye owasipha amandla okuba sibe yizinceku kulesisivumelwano esisha esingesona esomthetho olotshwe phansi kodwa esoMoya, ngokuba umthetho olotshwe phansi uyabulala, kodwa uMoya uyaphilisa.

[7]Lomthetho obanga ukufa weza uqoshwe ezibhebheni zamatshe okwabonakala ngawo isimangaliso senkazimulo kaNkulunkulu. AbakwaIsrayeli baze bakhophoza behluleka ukugqolozela ubuso bukaMose ngenxa yenkazimulo eyabuye yafiphala.

[8]Buyoba bukhulu ngokwesabekayo kunalokhu ubukhazikhazi balenkonzo elethwa uMoya oyiNgcwele!

[9]Inkonzo yomthetho olahla ngecala ikhexisa umlomo ngobuhle bayo, kodwa lenkonzo ethetha ngecala iyedlulela kakhulu ngokubabazeka kwayo.

[10]Inkazimulo leyo okwakuthiwa iyababazeka isifiphele, ngeke isaqhathaniswa ubuhle bayo nalenkazimulo eyedlulele kakhulu.

[11]Lokho okufiphalayo kweza kunenkazimulo; lungakanani-ke udumo lwalokho okumiyo phakade!

[12]Njengoba simi kulelothemba sikhuluma ingcaca kube sobala.

[13]Asilingisi uMose owagubuzela ubuso bakhe ngesambozo ukuba abakwaIsrayeli bangayigqolozeli lapho isifiphala inkazimulo yobuso bakhe.

[14]Kepha baba namakhanda alukhuni, ababe besezwa. Kuze kube namhlanje bayawufunda umthetho wesivumelwano esidala kepha isambozo sisekhona, asikembulwa ebusweni babo, ngoba sisuswa kuphela kulabo abakuKristu.

[15]Kuze kube namhlanje kuthi lapho befundelwa umthetho kaMose isambozo sibe silokhu sithe mbo ezinhliziyweni zabo.

[16]Kodwa uma umuntu ephendukela eNkosini isambozo siyasuswa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Manje-ke iNkosi iyiwo uMoya, njalo-ke lapho kukhona khona uMoya weNkosi, kukhona inkululeko.

18Thina sonke esibuso bethu bungasitheziwe ngesambozo siyayikhangela inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni, siyaguqulwa ukuba sifuze umfanekiso wakhe, ngenkazimulo eya ngokuya yedlulele kakhulu. Lokhu kwenziwa yiNkosi enguMoya oyiNgcwele.

2 kwelaseKhorinte 4

Ingcebo esingethwe ezitsheni zobumba

1Ngakhoke njengoba sesinayo lenkonzo ngesihe sikaNkulunkulu, asidikibali.

2Siziyekile izindlela zamahlazo asesithe, asabe sisaziphatha ngobuqili kumbe sihlanekezele izwi likaNkulunkulu, kodwa silibeka obala iqiniso ukuze sincomeke kunembeza wawo wonke umuntu naphambi kukaNkulunkulu.

3Yize noma lendaba emnandi esiyishumayelayo igubuzelwe, kodwa isithakele kuphela kulabo ababhubhayo.

4USathaneobusa lomhlaba usuke waphuphuthekisa imiqondo yabangakholwayo, ebavimba ukuba bangakuboni ukukhanya okuvela evangelini elikhuluma ngenkazimulo kaKristu, okunguyena ofuze uNkulunkulu.

5Kasizishumayeli thina, kepha sishumayela uJesu Kristu ukuthi uyiNkosi, thina-ke siyizinceku zenu ngenxa kaJesu.

6UNkulunkulu owakhuluma wathi: “Akukhanye ukukhanya ebumnyameni,” nguye okhanyise ezinhliziyweni zethu kwaqhakaza ulwazi ngenkazimulo yobukhosi bukaNkulunkulu esebusweni bukaKristu.

7Thina esisingethe lengcebo siyizitsha zobumba, okutshengisa khona ukuthi lawamandla adlula ukwenza, angakaNkulunkulu awasiwo awethu.

8Simpintshekile nxazonke kodwa asipitshiki, sikhathazekile kodwa asidangele,

9siyahlushwa kodwa asishiyiwe, siqumbeke phansi kepha asibhubhile.

10Sihlezi sithwele emizimbeni yethu lokhokufa uJesu akufayo, ukuze ukuphila kukaJesu kubonakaliswe emizimbeni yethu.

11Ngenkathi sisaphila silokhu sinikelwa njalo ekufeni ngenxa kaJesu, ukuze ukuphila kukaJesu kubonakaliswe kulobubuntu bethu obufayo.

12Kithina kusebenza kanjalo-ke ukufa emizimbeni yethu, kodwa kinina kusebenza ukuphila.

13Embhalweni kuthiwa: “Ngangikholwa kungakho ngakhuluma nje.” Nathi futhi njengoba sinawo lowomoya wokwethemba siyakholwa, kungakhoke sikhuluma nje.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Siyazi nokuthi uNkulunkulu owavusa iNkosi uJesu ekufeni uyosivusa nathi kanye noJesu aze asethule phambi kobuso bakhe kanye nani.

15Konke lokhu kwenziwa ngenxa yenu yikhona lomusa kaNkulunkulu uzobelokhu uya ngokuya wanda kubantu, uchumise kubo umoya wokubonga, kudunyiswe uNkulunkulu.

Ukuphila ngokukholwa

16Ngakhoke asidikibele noma sibukeka singababhubhayo ngengaphandle lethu, kodwa nokho siyacandulwa ingaphakathi lethu imihla ngemihla.

17Lokhukuhluphekana okuncane esidlula kukho kungokomzuzwana nje, kulungisela thina leyonkazimulo yafuthi engelinganiswe nalutho, eyedlula bonke ubukhosi obukhona.

18Thina asibhekile kulezozinto ezibonwa ngamehlo, kepha sibheke lezo ezingebonwe, ngoba izinto ezibonwayo zingezomzuzwana nje, kepha ezingebonwe zingezafuthi.

2 kwelaseKhorinte 5

1Siyazi ukuthi uma kudilika idlangala elingumzimba wethu esihlala kulo lapha emhlabeni, sinenye indlu evela kuNkulunkulu, isakhiwo esingazange sibunjwe ngezandla, singesaphakade kweliphezulu.

2Lapho sisahlezi kulelidlangala siyabubula silangazelela ukungena phansi kophahla lwendlu yethu yasezulwini,

3khona kuyothi nxa sesiyihlezi lendlu singatholakali sinqunu.

4Lapho sisahleli kulelidokodo emhlabeni sibubula ngobuhlungu, ngoba asifuni ukuhlubula singembathi, kodwa sifuna ukweleka ngesevatho sasezulwini ukuba okomhlaba okufayo kuguqulwe yilokho okuphilayo.

5NguNkulunkulu ohlele ukuba siguqulwe kanje, wasipha uMoya wakhe oyiNgcwele oyisibambiso salokho okuzayo.

6Simi isibindi njalo, siyazi ukuthi uma sisekulomzimba ofayo siqhelelene neNkosi.

7Siphila ngokukholwa asethembeli kokubonwayo.

8Sigcwele isibindi. Ngokwethu siqoma ukuwushiya lomzimba siye kwethu sifike sihlale neNkosi.

9Yingakho siphokophelele umgomo wokumjabulisa, noma sisahlezi kulomzimba wethu noma sesiwushiyile.

10Siyovela sonke esigcawini sikaKristu sahlulelwe, yilowo nalowo emukeliswe okumfaneleyo, kuye ngokuthi wenzeni lapho esaphila emhlabeni, okuhle noma okubi.

Inkonzo yokubuyisana

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Ngakhoke njengoba sikwazi ukuthi kuyini ukuyesaba iNkosi siyabancenga abantu ukuba bakholwe. Lokhu esiyikhona kusobala phambi kukaNkulunkulu. Ngethemba ukuthi saziwa ngokusobala nakonembeza benu.

12Akusho ukuthi sizama ukuzenza bahle kinina, kodwa sininikeza ithuba lokuzigabisa ngathi ukuze nikwazi ukubaphendula labo abagabe ngezinto ezibonwa ngamehlo kunezinto ezisenhliziyweni.

13Uma kusengathi siyagcwaneka, akunani ngoba sigcwanekela uNkulunkulu, uma siphila nse engqondweni kusalungile siphilela nina.

14Uthando lukaKristu luyasikhapheza ngoba uyasikhanyela lombono wokuthi oyedwa nguyena owabafelayo bonke; ngakhoke bafa bonke.

15Wabafela bonke ukuze abaphilayo bangabe besaziphilela bona, kepha baphilele lowo owafa wavuswa ngenxa yabo.

16Kusukela manje akukho muntu esisazombuka ngokubuka kwabantu balomhlaba. Yize nathi sake sambuka uKristu ngamehlo abantu balomhlaba, asisakwenzi manje.

17Ngakhoke uma umuntu ekuKristu uphenduka isidalwa esisha, okwakuqala sekudlulile, awubheke nje: sekuguqulwe kwakusha.

18Konke lokhu kuvela kuNkulunkulu owathelelana nathi amanzi ngoKristu, wasinika inkonzo yokubuyisana.

19UNkulunkulu wakwenza ngoKristu ukuba abuyisane nabantu bomhlaba, angabe esababalela izono zabo. Wasilayeza ukuba silizwakalise izwi lokubuyisana.

20Thina singamanxusa kaKristu; sikhulumela uNkulunkulu lapho sininxusa egameni likaKristu sithi: “Buyisanani noNkulunkulu! ”

21UKristu ongazange azi sono, uNkulunkulu wamthwalisa lonke icala lethu wamenza waba yisono, ukuba ngaye sithethwe yicala, thina sibe ngukulunga kukaNkulunkulu.

2 kwelaseKhorinte 6

1Siyanincenga thina zinceku zikaNkulunkulu esisebenzelana naye ukuba ningawemukeli umusa kaNkulunkulu nidlale ngawo.

2Uthi: “Ngakuzwela ngesikhathi esikahle, ngakusiza ngosuku lwensindiso.” Qaphelani, manje sekuyisikhathi esihle! Impela sekuwusuku lwensindiso.

3Akukho lutho esifuna ukukhubekisa ngalo abantu, hleze igxekwe inkonzo yethu.

4Siphumela obala siziveze ukuthi thina siyizinceku zikaNkulunkulu ngazo zonke izindlela, ngokubekezela okukhulu osizini nasebunzimeni nasezigamekweni ezisehlelayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Siyadindwa, siboshwe ejele, siqubukelwe yizibhelu. Sikhandleka kanzima, kuze
kuse siqwashile, siphathwa yiphango.

6Sihamba ngokuhlanzeka nangolwazi, sinyamezela, simnene njalo. Konke lokhu
sikwenza ngamandla oMoya oyiNgcwele, sikhombise uthando olungazenzisiyo,

7silikhuluma njalo iqiniso, sibonakalisa amandla kaNkulunkulu. Ukulunga
kuyisikhali sethu esisixhaka kwesokudla, nesihlangu sethu sokuvika
kwesokunxele.

8Siyaye sihlonishwe kodwa sibuye sihlazeke, siyaye singcofwe, sibuye futhi
sinconywe. Kuthiwa sihubhuza amanga kepha sibe sikhuluma iqiniso.

9Bashaya sengathi kabasazi kodwa bebe besazi kahle nje; kuba sengathi siyafa
kodwa nakhu siphila saka. Sithwansulwa ngoswazi kodwa akusibulali,

10silusizi kodwa sihlala senamile, simpofu kepha sicebisa abaningi, sibuswezi
kodwa sinakho konke.

11Bakwethu baseKhorinte sikhulume ngokusobala kini sanivulela izinhliziyo
zethu.

12Asinigodlelanga uthando lwethu, kodwa nisigodlele olwenu.

13Ukuze izandla zigezane, ngiyaneluleka nina njengabantabami ngithi vulani
izinhliziyo zenu.

Niyithempeli likaNkulunkulu ophilayo

14Ningalingi nihambisane nabangakholwayo! Kuhlanganaphi ukulunga
nokungalungi na? Buphi ubudlelwane phakathi kokukhanya nobumnyama na?

15Kukhona yini ukuzwana phakathi kukaKristu noBheliyali na? Utholanaphi
umuntu okholwayo nongakholwayo na?

16Lihlanganaphi ithempeli likaNkulunkulu nonkulunkulumbumbulu na? Ngokuba
thina siyithempeli likaNkulunkulu ophilayo, njengoba uNkulunkulu athi:
“Ngiyohlala nabo ngihambe phakathi kwabo ngibe uNkulunkulu wabo, bona babe
ngabantu bami.”

17Ibisithi iNkosi: “Ngakhoke phumani niphele phakathi kwabo, ningaphathi lutho
olungcolileyo ngesandla

18khona ngiyonamukela ngibe nguyihlo kini, nina niyoba ngamadodana
namadodakazi ami. Ukhulumile uSimakade uMninimandla.”

2 kwelaseKhorinte 7

1Njengoba sesizamukele lezizithembiso bakwethu, ake sihlambulule konke
okungcolisa umzimba nomphefumulo simesabe uNkulunkulu sibe ngcwele
sahlukaniselwe yena ngokupheleleyo.

UPawula uthokozela ukuzisola kwabo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Ake nisiphenyele indawo ezinhliziyweni zenu. Akukho muntu esimonile samkholisa, akekho futhi nesike samqinela.

3Angikusho lokhu ukuba nginilahle. Phela ngike ngasho phambilini ukuthi nibakhulu ezinhliziyweni zethu sifa nani siphile nani.

4Ngiqina idolo ngani, ngiqhoshile ngani, ngizwa ngiduduzeka ngani, kungakho ngiphuphuma injabulo yize siphethwe yizinhlupheko.

5Kwale noma sesifike kwelaseMasedoniya, imizimba yethu yangakuthola ukuphumula. Salokhu sikhathazeke nxazonke, silokhu siyibambile impi phandle, siphethwe yitwetwe ezinhliziyweni.

6Nokho uNkulunkulu oyaye aduduze abadangeleyo wasiduduza ngokufika kukaThithusi,

7kungeyikho ukuza kwakhe lapha kuphela kodwa nangokududuzeka akuthola lapho kini. Wayizeka kithi eyokulangazela kwenu nokulila kwenu, nokuthi nisha amashushu niyangisekela. Lokho kwangenza ngathokoza kwedlulela.

8Angizinyezi ngokuthi nganilimaza imimoya ngencwadi engayilobayo. Noma phela kwabuye kwasika kimi, sekuyangikhanyela ukuthi leyancwadi yami yanidabukisa, kodwa nokho kwasheshe kwadlulisa.

9Kumanje nje ngiyajabula, akungoba nganibangela umunyu, kodwa ngoba kwathi ukuba nidabuke nase niyaphenduka, ngoba lolusizi enaluzwayo kwakungolukaNkulunkulu, ngakho asizange sinenze okubi thina ngokwethu.

10Usizi oluvela kuNkulunkulu ludala ukuphenduka okuholela ekusindisweni, okungalandelwa nsolo, kodwa uma usizi lungolomhlaba, luyabulala.

11Ake nibheke ukuthi lolusizi enaluzwiswa nguNkulunkulu selunenze nazimisela kangakanani ukuzikhipha ecaleni, nacasuka, nethuka, nalangazela, nashisekela, najezisa kulowo owonileyo. Kukho konke nivele obala ukuthi aninacala.

12Ngayiloba leyoncwadi kodwa ngingakwenzi lokho ngoba kukhona ogile umkhuba kumbe ngesizathu salona omunye owoniweyo, kepha inhloso kwakuwukuba nizibone phambi kukaNkulunkulu ukuthi thina nisikhonze kangakanani.

13Hhayi-ke nokho sesiduduzekile. Okubuye kwanezelela enduduzweni yethu kungukuthokoza kukaThithusi ngendlela enimqinise ngayo idolo; sesase kakhulu kwaze kweqa lapho simbona eneme.

14Uma bengikade ngigabaza kuye ngiqhoshe ngani nonke, angijabhanga. Njengoba konke esake sakusho kini kuyiqiniso, ukugabaza kwethu phambi kukaThithusi kwavela obala ukuthi kuyiqiniso.

15Inhliziyo yakhe ithathekile kakhulu yinina, ikakhulu uma ekhumbula indlela enamthobela ngayo, namemukela ngokwesaba nangokuthuthumela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Kuyangithokozisa ukubona ukuthi nginganethemba kukho konke.

2 kwelaseKhorinte 8

Ukuphana kuze kweve

1Bakithi, manje sesinazisa ngomusa kaNkulunkulu awenzele amabandla aseMasedoniya,

2Okuthe noma bevivinywa ngosizi olwesabekayo kepha ukuthokoza kwabo kwanda kakhulu, bavula izandla zabo bapha kwaze kweva, phezu kokuba bebuswezi bengenalutho.

3Ngingafakaza ukuthi banikela okungangamandla abo, impela bakhipha kwaze kweqa, kusuka ezinhliziyweni zabo.

4Basincenga kakhulu ukuba nabo bavunyelwe bafake isandla ekusizeni amakholwa kwelaseJudiya.

5Thina besingakulindele lokho. Baqale bazinikela eNkosini uJesu, kanduba bazinikele kithi ngokuvuma kweNkosi.

6Kungakho simnxusile uThithusi ukuba asale esewufeza lomsebenzi abesewuqalile phakathi kwenu wokuqoqa isipho esisuka othandweni.

7Nichume kukho konke eninakho: ukukholwa nobugagu bamazwi nolwazi nokushisekela okukhulu nokuthandana enakufunda kithi ngakhoke sengathi ningakhuthala nasekuqoqeni lesisipho.

8Akusho ukuthi nginishayela umthetho, kodwa nginikhombisa ukuthi abanye bakhuthele kangakanani, ngifuna ukuba nibonakale nani ukuthi olwenu uthando lujule kangakanani.

9Niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi phezu kokuba ayecebe kanjeya kodwa waphenduka impofana ngenxa yenu, ukuze nina ninethezeke ngobuphofu bakhe.

10Ngiyaluleka nje kuloludaba. Engikucelayo kini kuyosiza nina. Kwaqala nina nakusebenza nyakenye, kanti futhi yinina enaqala nakuhlosa ukuba nikwenze.

11Ngakhoke lokhokuzimisela kwenu makulingane nokukhuthala kwenu ukuba umsebenzi uphethwe ngalokho eninakho.

12Uma ukuzimisela kukhona, isipho siyemukeleka ngalokho umuntu anakho, kungayi ngalokho umuntu angenakho.

13Angiqondile ukuba abanye baxegiselwe kodwa nina nisindwe. Kuyisu lokubonelelana

14ukuba nina nibenanele behluphekile, ngoba ninakho kuningi, ukuze nabo ngomuso ekuhluphekeni kwenu banenanele kulokho okuningi abayoba nakho, unyawo lwabasha luphindane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Umbhalo ongcwele uthi: “Lowo owabutha kwakuningi akuzange kweve, nowabutha kwakuncane akazange eswele.”

UThithusi nabamphelezelayo

16Makabongwe uNkulunkulu owakubekayo enhliziyweni kaThithusi ukuba anikhathalele njengami.

17Wezwa wayesesamukela isicelo sethu, kanti kwayena uvele ulubela ukunihambela.

18Simthumela lapho kanye nomzalwane lowo odume kakhulu emabandleni ngokuqhuba ivangeli.

19Akagcini lapho kuphela, ingani usekhonjwe ngamabandla ukuba sihambe naye kulomsebenzi. Siyokwethula lesisipho esisuka othandweni, kudunyiswe iNkosi uJesu kubonakaliswe nesisa sethu.

20Sixwayile ukuba kungagxekwa indlela esiqhuba ngayo ekuphathweni kwalesisipho esikhulu.

21Sicothele ukwenza okuqotho phambi kweNkosi naphambi kwabantu imbala.

22Simthumela kanye nabo umzalwane wethu. Sesamvivinya ngezinto eziningi, waziveza ukuthi ungumuntu okhutheleyo. Usekhuthele kakhulu manje njengoba ethembele kini.

23Mayelana noThithusi, unguzakwethu emsebenzini engiwenza naye phakathi kwenu. Lababazalwane bethu bayizithunywa zamabandla, balethela uKristu udumo.

24Vezani ubufakazi bothando lwenu phambi kwamabandla, ukuze kubonakale ukuthi besiqinisile lapho siziqhenya ngani kulababantu.

2 kwelaseKhorinte 9

Umnikelo oqondene namakholwa

1Akudingekile ngempela ukuthi sengingaze nginilobele ngalomnikelo oqondene namakholwa,

2ngoba ngiyazi ukuthi nikushisekele ukulekelela; nina ebengisaqhoshe ngani kwabaseMasedoniya ngibatshela ukuthi abaseAkhaya yilokhu bama ngomumo kusukela nyakenye ukuba basize. Ukushiseka kwenu kubanyakazisile abaningi.

3Kepha ngithumela abazalwane kini ukuze ukugabaza kwethu ngani kungabi yize kodwa nihlale nilungele njengoba ngangishilo.

4Uma kwenzeka ngifika nabathile baseMasedoniya nginifice ningalungisele, siyotheleka amahloni, ngingasayiphathi-ke eyenu, sinethembile kangaka.

5Kungakho ngikubone kufanele ngibancenge abazalwane ukuba bangendulele banivakashele. Ngithe abafike isikhathi sisekhona, balungise lesisipho esikhulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

enanisethembise phambilini. Asihlale sesilungisiwe, kube yisipho esibhekileyo esiletha isibusiso, ningancishani ngaso.

6Okufanele ningakulibali yilokhu: Lowo ohlwanyela kancane uyovuna kancane, nalowo ohlwanyela kakhulu uyovuna kakhulu.

7Umuntu ngamunye akanikele lokho asekunqume enhliziyweni yakhe, engadondi futhi engaphoqiwe, ngoba uNkulunkulu uyamthanda umuntu onikela ngokujabula.

8UNkulunkulu unamandla okunipha umusa wakhe kweve ukuze nenele ezintweni zonke ngezikhathi zonke nivame imisebenzi emihle.

9Umbhalo ongcwele uthi: “Uyihlaphahlapha ngokuphana, wacola izimpofana ngezipho; ukulunga kwakhe kumi phakade.”

10Manje uMvelinqangi okunguyena othatha imbewu ayinikeze otshalayo, aveze isinkwa esidliwayo, uyonipha anandisele inhlwanyelo yenu, kuvame izithelo zokulunga kwenu.

11Niyonethezeka nxazonke ukuze nikwazi ukunikela kweve ngakho konke, ukuphana kwenu bese kwenza ukuba uNkulunkulu abongwe lapho sesethula izipho zenu.

12Lomsebenzi eniwenzayo awugcini ngokwenelisa izidingo zamakholwa kuphela, kodwa wandisa inkonzo yokubonga uNkulunkulu.

13Uma nibonakalisa ukuthi nizimisele ukubasiza ngalomsebenzi bayomdumisa uNkulunkulu ngenxa yokuthi nilivumile ivangeli likaKristu nalithobela ngokunikela kakhulu lapho kusizwa bona kanye nabanye.

14Bayonikhulekela banilangazelele, ngenxa yomusa uNkulunkulu anenzele wona ngokwedlulele.

15Akabongwe uMvelinqangi ngesipho sakhe thina esehluleka ngisho nokusibonga!

2 kwelaseKhorinte 10

UPawula uvikela isikhundla sakhe

1Manje ngiloba ngodaba oluthinta mina Pawula mathupha! Ngiyanincenga ngenxa yokuthobeka nobumnene bukaKristu, mina lona okuthiwa ngiyaye nginyonye uma ngibhekene nani emehlweni kodwa nginehle ngaphezulu uma ngikude nani.

2Ngininxusa ukuba kuthi nxa kwenzeka ngiba phakathi kwenu, kungadingeki ukuba ngize nginehle ngaphezulu ngephuzu legunya lami engihlose ukulisebenzisa, ngibhekane nabathile abathi thina siphethwe umoya wabantu balomhlaba.

3Noma siphila kuwo lomhlaba kodwa asiyilwi impi yakhona,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4ngoba izikhali zempi yethu akuzona ezomhlaba, kepha zingezikaNkulunkulu, zinamandla okudiliza izinqaba. Sikuqeda konke ukuqophisana ngamazwi,

5sigudluze zonke izithiyo ezimelana nokumazi uNkulunkulu, sithumbe yonke imicabango yabantu ukuba ithobele uKristu.

6Sizimisele ukujezisa zonke izenzo zabo zokungalaleli, uma sekubonakele ukuthi nina senithobe ngokupheleleyo.

7Bhekani lokhu okuphambi kwamehlo enu ! Uma kukhona umuntu ozishoyo ukuthi ungokaKristu, akokhumbula ukuthi njengoba engokaKristu, nathi futhi singabakhe.

8Angizukuhlazeka noma ngingaze ngeqise kancane ngegunya lesikhundla sethu esaliphiwa yiNkosi lokuba nakhiwe, ningabhidlizwa.

9Akungabi sengathi ngiyanethusa ngezincwadi engizilobayo,

10njengoba sebethi: “Izincwadi zakhe zishubile zikhaliphile kodwa isiqu sakhe asinasithunzi, akasilona igagu ngomlomo.”

11Kuhle bazi lababantu ukuthi lokhu esisuke sikusho ngencwadi uma singekho, siyokwenza lapho sifika.

12Asifuni ngisho nokulokotha sizifanise noma sizilinganise nalabo abazibongayo. Kodwa lapho sebezilinganisa ngoqobo lwabo, beziqhathanisa noqobo lwabo, kukhomba ukuthi kabanangqondo.

13Thina asizukuzibonga seqise, kodwa sizopheza ngomncele lowo uNkulunkulu asibekele wona, ukuba sifinyelele nakini.

14Aseqisi nalapho sizibonga. Bekuyoba njalo ukuba besingafinyelelanga kini. Kodwa safika nakini sinilethele indaba emnandi sanilandisa ngoKristu.

15Manje aseqisi sizibonge ngomsebenzi owenziwe ngabanye. Ithemba lethu ngelokuthi nxa kukhula ukukholwa kwenu, iyolokhu yanda nendima esiyisebenza phakathi kwenu.

16Yikhona siyokwazi ukuyishumayela lendaba emnandi nasemazweni asekudeni, ingaze umuntu azibonge ngomsebenzi osuwenziwe endimeni yomunye.

17Umbhalo ongcwele uthi: “Ozigabisayo makazigabise ngeNkosi! ”

18Umuntu ozishoyo akemukeleki, kodwa kwemukeleka kuphela osuke enconywe yiNkosi.

2 kwelaseKhorinte 11

UPawula nabaphostolimbumbulu

1Ngifisa sengathi beningangibekezelela kulobubuphukuphukwana bami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Nginikhwelezela ngesikhwele sikaNkulunkulu, ngoba nganendisa endodeni eyodwa ningumlobokazi omsulwa engamethula kuKristu.

3Ngisovalweni lokuthi njengoba inyoka yalutha uEva ngobuqili bayo, hleze imicabango yenu yeduswe isuke enkonzweni eqondileyo nemsulwa enimkhonza ngayo uKristu.

4Ngisho ngoba nishesha kabi ukuthatheka uma kufika othile eshumayela omunye uJesu ongaseyena lona esamshumayelayo, kumbe nemukele omunye uMoya owehlukile kulowo enaniwemukele, noma nemukele elinye ivangeli elehlukile kuleli enalemukelayo.

5Ngizibona ngingemncane neze kunalezizinkunzimalanga zabaphostoli.

6Yize noma ngingesilona iciko lokukhuluma, kodwa ngiyingcweti ngolwazi enginalo. Sinikhombisile lokhu kukho konke kwasobala kini, lapho sikhuluma nani ngazo zonke izihloko.

7Ngabe ngangona yini ngokuzehlisa kwami ukuze nina niphakanyiswe, ngoba ngashumayela indaba ethokozisayo kaNkulunkulu anaze nina nangena ezindlekweni na?

8Ngaphanga amanye amabandla lapho ngemukela iminikelo yawo ukuze kusizakale nina.

9Lapho ngisahlezi nani ngangintula kodwa angaba yiwo umthwalo kwabanye, ngoba abazalwane baseMasedoniya babengipha konke engikudingayo. Bengikuxwayile, namanje futhi ngisazokuxwaya ukuba ngingabi umthwalo kini.

10Njengalokhu iqiniso likaKristu lingaphakathi kimi, ukuzincoma engizincoma ngakho akunakuthuliswa kuzo zonke izifunda zaseAkhaya.

11Ngisho ngani na? Ngoba nginganithandi na? Ngisho noNkulunkulu uyazi ukuthi ngiyanithanda.

12Engikwenzayo ngiyoqhubeka ngikwenze, ukuze ngibanqume imilomo laba abafuna izaba zokuzilinganisa nathi emsebenzini abazincoma ngawo.

13Lababantu bangabaphostolimbumbulu, izisebenzi ezikhohlisayo, bahamba bezenza abaphostoli bakaKristu.

14Akumangalisi kodwa, ngoba noSathane imbala uke aqhamuke eseyingilosi yokukhanya.

15Akwethusi futhi uma izinceku zakhe zihambe zikhohlisa zizenza izinceku zokulunga. Ekugcineni kodwa bayovuzwa ngemisebenzi yabo emibi.

UPawula ukuhluphekele ukuba ngumphostoli

16Ngiyaphinda futhi ngiyasho ngithi akungasuki muntu angenze isilima. Kodwa uma nina nikwenza lokho kulungile-ke, angibe yisilima njalo emehlweni enu ukuba nami kengiqhoshe kancane.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Engikushoyo angikusho ngoba ngithunywa yiNkosi, kepha kulokhukuqhosha kwami ngikhulumisa okwesilima.

18Njengoba bebaningi abazikhukhumezayo ngokwalomhlaba, nami-ke ngizozisho.

19Phela nina niyakwazi ukubekezelela iziwula, zihlakaniphindini!

20Niyabekezela uma umuntu enigqilaza kumbe enisobozela noma eniqinela noma eniqhoshela, noma eniwahlela ngempama.

21Nginamahloni okuthi sasuke sazithambisa sangayenza nathi into efana nalena kini. Kodwa uma kukhona olokothayo azincome ngotho (hhabe, sengikhulumisa okwesiphukuphuku ngempela) kanjalo nami ngiyazincoma.

22BangamaHebheru na? Nami nginguye. BangabakwaIsrayeli na? Nami nginguye. Badabuka kuAbhrahama na? Nami ngivela kuye.

23Bayizinceku zikaKristu na? Nami ngiyiyo, engcono kunabo — noma sengikhulumisa okohlanya. Kade ngikhandlwa umsebenzi kunabo, ngikuboshwa kuningi, ngidindwa kwasa, kukaningi ngibuya phezu kwengcwaba.

24AmaJuda angibhaxabula kwakahlanu, ngasikhathi sinye ngathola imivimbo yesitshwebhu kusilele owodwa ukuba kuphele amashumi amane.

25Ngadindwa kathathu ngemishiza, ngabuye ngakhandwa ngamatshe kwakanye, ngabuye ngafelwa kathathu yimikhumbi elwandle, ngabuye ngaqungquluza phezu kwamaza olwandle imini yonke nobusuku bayo.

26Bengivame ukuba sendleleni, kaningi ngisezingozini: ngiwela imifula, ngisinda ngokulambisa ezinswelaboyeni, ngigaselwa ngabakithi bomdabu, ngiqamekelwa ngabezizwe, ngingumabonabulawe emizini, ngisengozini ehlane nasolwandle. Ngangilokhu ngiqaphe ingozi yabazalwanembumbulu.

27Ngikhandlekile ngasebenza kanzima, ngaqwasha imihla namalanga, ngalamba ngomela amanzi, ngazila ukudla kaningi, ngaficwa ngamakhaza ngihlubule.

28Ngaphandle kwakho konke lokhu, kunomcabango nsuku zasa ongihlezi kabi enhliziyweni, wokukhathalela amabandla onke.

29Ngubani othi ubuthaka, mina ngibe ngingabuzwa ubuthaka na? Ngubani owela esonweni ngingahanguleki emoyeni wami na?

30Uma nginokuzincoma ngiyozincoma ngalezozinto eziveza ubuthakathaka bami.

31Yena onguNkulunkulu noYise weNkosi uJesu, obongekayo naphakade, uyazi ukuthi angiqambi manga.

32Emzini waseDamaseku umbusi ophansi kwenkosi uHaretha wathumela ukuba umuzi uhaqwe nce ngiboshwe.

33Kodwa ngehliswa ngesilulu esakhishwa ngentunja yogange lomuzi, kwaba ukuphunyula kwami njalo ezandleni zakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kwelaseKhorinte 12

Izibonakaliso nezambulo ezavezelwa uPawula

1Ngisaqhubeka nokuzincoma. Angitholi lutho ngalokho kodwa ngizodlulela
phambili ngikhulume ngezibonakaliso nezambulo ezavela eNkosini.

2Kunomuntu engimaziyo ongokaKristu owahlwithelwa ezulwini lesithathu
kuleminyaka eyishumi nane eyedlule. Ukuthi kwenzeka lokho esemzimbeni
wakhe ezwa, noma wayesephumile esidunjini sakhe angazi, kodwa uNkulunkulu
uyazi.

3-4Ngiyazi ukuthi lomuntu wahlwithelwa ePharadisi, kodwa ukuthi
wayekulomzimba wakhe noma wayesehlukene nesidumbu ngeke ngazi, kwazi
uNkulunkulu. Lomuntu wezwa amagama ahlonishwayo okungavunyelwe muntu
ukuwagagula.

5Ngalowo onjalo ngizincome kunye, ngingezukuzincoma mina uqobo lwami,
kodwa ngizozincoma ngobuthakathaka bami kuphela.

6Noma ngabe bengizincomile bengingeke ngibe silima, ngoba bengiyobe ngisho
lona iqiniso. Kodwa ngiyayeka ukuze kungabi bikho muntu ongazela lukhulu
olungalena kwalokho akubonayo kimi nakuzwa ngami.

7Ukuze ngingakhukhumali ngenxa yalezizambulo ezinkulu engazibonayo,
ngahlatshwa yiva enyameni, saba nami shaqa isithunywa sikaSathane ukuba
ngingakhukhumali.

8Ngayinxusa kwaze kwakathathu iNkosi ukuba lento isuke kimi,

9kodwa yathi kimi: “Umusa wami wenele kuwena, ngoba amandla ami apheleliswa
ebuthakathakeni.” Ngakhoke ngixolela khona ukuzincoma ngalobubuthakathaka
bami, khona amandla kaKristu ezohlala kimi.

10Ngenxa kaKristu nganelisiwe ubuthakathaka nokwedelelwa nobunzima
nokuzingelwa nokuxakwa yizigameko, ngoba lapho kuthiwa ngibuthakathaka,
kulapho ngimandla.

UPawula usovalweni ngebandla laseKhorinte

11Kade ngiyisilima, ngenziwa yinina njalo! Kanti yinina okwakufanele ukuba
nikhulume kahle ngami. Yize noma ngingelutho kodwa angimncane ngisho
nangengozi kunalezizinkunzi zabaphostoli.

12Ngibonakalisile ukuthi ngingumphostoli wangempela lapho ngisebenza
phakathi kwenu ngesineke esikhulu, kwavela izibonakaliso nezimangaliso,
kwenziwa nemisebenzi emangalisayo.

13Yikuphi eningase nithi nilulazwe ngakho kunamanye amabandla, ngaphandle
kokuthi angizange ngibe umthwalo kini na? Ngithetheleleni kulokhukona kwami!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ake nibheke nje sengilungele ukunivakashela isithathu, kodwa ngeke ngibe umthwalo kini, ngoba angifuni lutho lwenu, ngifuna nina kuphela. Izingane akuzona eziyaye zibekele abazali ifa, kepha kungabazali ababekela izingane.

15Ngizonikela ngokujabula okukhulu, nginikelwe mina uqobo lwami ngenxa yemiphefumulo yenu. Uma nginithanda kakhulu ngabe kusho ukuthi angithandwe kancane na?

16Uma kungukuthi angibanga umthwalo kini, nikhala nokho ngokuthi nginihlakaniphele nganibamba ngengqondo.

17Ukhona yini enganiqilizela ngaye kulabo engangibathumela kini na?

18Nganxusa uThithusi ukuba ahambe, ngathuma umzalwane ukuba amphelezele. Wake waniqilizela-ke uThithusi na? Thina asenzanga yini ngomoya onjalo sahambisa ngendlela efanayo na?

19Nihlezi nje nilokhu nizindla nithi siyazivikela kini na? Qha! Phambi kukaNkulunkulu sikhulume kini njengabakaKristu, nakho konke esikwenzayo bangani bami, sikwenzela nina ukuba nakheke.

20Ngisovalweni lokuthi uma kwenzeka ngifika lapho, ngiyonifica ningeyikho lokhu engikufisayo, nami ningithole ngingeyikho lokhu enikubhekileyo, nokuthi hleze kube nokuxabana okukhona, nesikhwele, nokuthukuthela, nemibango, nokuhlebana, nokucevuza izindaba, nokuzithwala, neziphithiphithi.

21Ngisovalweni lokuthi kuyothi uma sengifika kini uNkulunkulu akwenze ukuba ngiphoxeke phakathi kwenu, ngizwe ubuhlungu bokulilela abaningi benu abonileyo phambilini, bengaphendukanga ekungcoleni nasemanyaleni obufebe nobunuku ababenzayo.

2 kwelaseKhorinte 13

Izixwayiso zokugcina nokuvalelisa

1Kuzobe sekungokwesithathu ngifika kini. Umbhalo uthi: “Yilolo nalolodaba luyoqiniswa ngemilomo yofakazi ababili noma abathathu.”

2Namanje ngisasho kulaba ababekade bonile nakwabanye bonke, ngisaphinda ngiyabaxwayisa njengalokhu ngenza phambilini ekufikeni kwami kwesibili. Ngibadonsa ngendlebe ngithi kubo: Uma sengibuye ngifika futhi angisayukubaxolela

3njengoba nithi nifuna ubufakazi bokuthi engikukhulumayo kuvela kuKristu. Yena akabuthakathaka lapho esebhekene nani, kodwa unamandla impela phakathi kwenu.

4Wabulawa esiphambanweni ebuthakathaka, kodwa manje usephila ngamandla kaMvelinqangi. Sihleli sikuye sibuthakathaka, kodwa ngamandla kaMvelinqangi siyophila kanye nani. Niyobhema nikholwe mhla lokho kwenzeka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Zihloleni nibone ingabe nisanamathele yini ekukholweni. Zivivinyeni! Akunikhanyeli yini ukuthi uKristu Jesu ukinina na? Uma kungenjalo kusho ukuthi niyehluleka lapho nivivinywa.

6Ngiyethemba nizokhanyelwa ukuthi asehlulekanga thina.

7Sithandaza uNkulunkulu ukuba ningenzi lutho oluphambeneyo. Akungoba sifuna ukuba abantu basibone ukuthi thina asizona izahluleki, kodwa okuyikhonakhona ukuba nenze okulungileyo, yize noma thina singabonakala sengathi siyizahluleki.

8Asinakufika ndawo uma simelana neqiniso, siyophumelela ngokulimela kuphela.

9Kuyasithokozisa uma thina sibuthakathaka kepha nina ninamandla. Umthandazo wethu owokuba nipheleliswe.

10Ngikuloba lokhu ngingekho kini ukuze kuthi lapho ngifika kini ngingabe ngisaniphatha kalukhuni ngenkathi sengisebenzisa igunya iNkosi enginike lona ukuba ngakhe ngingadilizi.

11Ekugcineni bazalwane ngithi salani nomusa, nilungise ukuhamba kwenu, nilalele lapho nginiyala, nibe nomqondo owodwa, nihlale ngokuthula. UNkulunkulu wothando osilethela ukuthula aze abe nani.

12Nize ningikhonzele nibingelelane ngokwanga kwabakholwayo! Bayakhonza bonke abazalwane.

13Sengathi umusa weNkosi uJesu Kristu, kanye nothando lukaNkulunkulu, nokuhlanganyela noMoya oyiNgcwele kungavama kini nonke.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AseGalathiya

AseGalathiya 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula, engathunywa ngaba ngumphostoli. Ubizo lwami aluvelanga kubantu noma ngomuntu, kodwa lwavela kuJesu Kristu uqobo noNkulunkulu uYise owamvusa kwabafileyo.

2Sihlanganyela nabazalwane bonke enginabo lapha, sibingelela amabandla aseGalathiya.

3Sinifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

4Yazidela ukuphila kwayo yafela izono zethu yasenza abayo ngokusophula kulenkathi yokonakala esiphila kuyo. Kanjalo yafeza intando kaNkulunkulu wethu onguBaba.

5Ufanele ukudunyiswa phakade naphakade. Ameni.

Alikho elinye ivangeli

6Niyangimangalisa ngokumhlubuka masinyane kangaka uKristu okunguye owanibizela kuye ngomusa wakhe, niyasuka nina senemukela elinye ivangeli elehlukile.

7Ekubeni lingekho elinye ivangeli, kodwa ngikuphawula lokhu ngoba kukhona abathile abanishushisayo asebefuna ukuhlanekezela ivangeli likaKristu.

8Kepha-ke ngisho noma kungaba yithi noma yingilosi evela ezulwini inishumayeza indaba ephambene nalena esanishumayeza yona, akaqalekiswe lowo!

9Kade sasinitshela, namanje ngiyaphinda futhi ngithi, uma kukhona onishumayeza indaba emnandi ephambene nevangeli enalemukelayo, akaqalekiswe lowo!

10Ngabe mhlawumbe ngihlose ukuzakhela ugazi kubantu noma kuNkulunkulu na? Kumbe ngizama ukujabulisa abantu na? Ukuba bengizama ukujabulisa abantu, bengingeke ngisaba yisisebenzi sikaKristu.

UPawula uba ngumphostoli

11Ake nginitshele lokhu bakwethu ukuthi lendaba ethokozisayo engiyishumayelayo ayivelanga kubantu.

12Angiyemukelanga kumuntu, angiyifundiswanga muntu. Ngayembulelwa nguJesu Kristu uqobo.

13Nizwile ukuthi ngangiphila impilo enjani ngenkathi ngisabambelele enkolweni yamaJuda, ukuthi ibandla likaNkulunkulu ngalihlupha ngonya olwedlula ukwenza, ngilinga ukulibhuqa nya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ekushisekeleni inkolo yobuJuda ngabedlula abaningi abayintanga yami esizweni
sakithi, ngiyishisekela kakhulu kunabo imfundiso esayithatha kokhokho.

15Kodwa uNkulunkulu owangiqoka kwasesiswini sikamame wangibiza ngomusa
wakhe ukuba ngimsebenzele. Kuthe lapho esenqume

16ukungembulela ngibone iNdodana yakhe, ukuba ngimemezele kwabezizwe
indaba emnandi elanda ngayo, kangaya kumuntu ukuba sicebisane naye.

17Angiyanga ngisho naseJerusalema ukuba ngibonane nalabo ababengabaphostoli
ngaphambi kwami. Kodwa ngasuka nganikela eArabhiya, ngase ngibuyela
eDamaseku.

18Kuthe emva kweminyaka emithathu ngenyukela eJerusalema ukuba sibonane
noKhefase sazane. Ngahlala naye amasonto amabili.

19Angibonanga namunye kubaphostoli ngaphandle kukaJakobe umfowabo
weNkosi uJesu.

20Lokhu engikuloba lapha kuyiqiniso. UNkulunkulu uyazi ukuthi angiwaqambi
amanga.

21Kamuva ngaya kwelaseSiriya nelaseSilisiya.

22Ngalesosikhathi amabandla kaKristu aseJudiya ayengangazi, engakaze
angibone.

23Ayazi lokho nje akutshelwa ngami ukuthi: “Lowo owayekade esizingela
usefakaza manje ngenkolo ayelwa nokuyibhuqa nya.”

24Ayesemdumisa uNkulunkulu ngenxa yami.

AseGalathiya 2

Abaphostoli bamukela uPawula

1Kuthe sekudlule iminyaka eyishumi nane ngabuye ngenyukela eJerusalema
nginoBhanabhasi, ngathatha noThithusi sahamba naye.

2Ngaya njengalokhu ngangambulelwe nguNkulunkulu ukuba ngiye khona.
Sabonana nabaholi ngasese ngabachazela ngendaba ejabulisayo engiyishumayela
kwabezizwe. Ngangingafuni ukuba umsebenzi wami esengawenza nengiwenzayo
uphelele obala.

3Kepha ngisho noThithusi esasihamba naye engowezizwe, akaphoqwanga ukuba
asoke.

4Kukhona abazalwanembumbulu ababebelesela ukuba asoke. Babengene
isinyenyela ebandla, kanti bayizinhloli bazophenya lenkululeko yethu esinayo
kuKristu Jesu, ukuba basigqilaze.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Kodwa ukuze nilondelwe iqiniso levangeli, asizange sigudluke kulo ngisho nakanye ukuba sibathobele.

6Kepha laba okwakuthiwa bangabaholi — mina angikhathali ngabo ukuthi bangobani, ngithi nje uNkulunkulu akakhethi muntu — kabangiyalanga ngalutho olusha.

7Kunalokho kwabakhanyela ukuthi ngethweswe umsebenzi wokushumayela indaba ethokozisayo kwabezizwe, njengoba kwethweswa uPhetro umsebenzi wokushumayela emaJudeni.

8Ngoba uNkulunkulu owasebenzisa uPhetro phakathi kwamaJuda engumphostoli kuwo, nami wangisebenzisa kwabezizwe.

9UJakobe noKhefase noJohane ababaziwa ngokuthi bayizibonda, kwabakhanyela ukuthi uNkulunkulu ngomusa wakhe ungethwese lomsebenzi, base besixhawula sinoBhanabhasi begcizelela ukuthi bakanye nathi. Savumelana ngokuthi thina sobabili noBhanabhasi sizosebenza kwabezizwe, kepha bona basebenze phakathi kwamaJuda.

10Base becela kuphela ukuba sikhumbule izimpofana phakathi kwabo; okuyiyonanto ebengikhuthalele ukuyenza.

UPawula usola uPhetro eAntiyokhi

11Kodwa kuthe uKhefase esefikile eAntiyokhi ngase ngimphikisa obala, ngoba icala limlahla.

12Kukhona amadoda athile afika eAntiyokhi evela kuJakobe. UPhetro wayekade edla ndawonye nabazalwane abangabezizwe engakafiki lawomadoda. Kodwa kuthe ukuba afike wanyonya, akabe esadla ndawonye nabezizwe, ngoba wayenqena abeqembu elalithi abezizwe abaphendukayo mabasokwe.

13Nabanye-ke abazalwane bamaJuda balingisa uPhetro bambuluza, noBhanabhasi imbala waze wathatheka wambuluza naye.

14Kuthe lapho ngibona ukuthi kabahambi ngobuqotho ngendlela evumelana neqiniso levangeli, ngase ngithi kuKhefase phambi kwabo bonke: “Wena ungumJuda kodwa uziphatha njengowezizwe, hhayi njengomJuda. Pho ungabaphoqa kanjani abezizwe ukuba baziphathe njengamaJuda na? ”

AmaJuda nabezizwe basindiswa ngokukholwa

15Thina-ke singamaJuda ngokuzalwa, asibizwa ngohlobo lwabantu abangabezizwe abayizoni.

16Nokho siyazi ukuthi umuntu uthethwa yicala ngokukholwa kuJesu Kristu, kungayi ngemisebenzi ebizwa ngumthetho. Ngakhoke nathi sakholwa kuKristu Jesu ukuba sithethwe yicala ngokukholwa kwethu kuKristu, qha ngokwenza okushiwo ngumthetho. Akukho muntu oyothethwa yicala ngokwenza okushiwo ngumthetho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Thina sifuna ukuthethwa yicala sikuKristu. Kodwa uma ngalokho nathi sitholakala ukuthi siyizoni nje njengabezizwe, ngabe kusho ukuthi uKristu ungumgqugquzeli wesono! Kanti ngabe uKristu ungumgqugquzeli wesono na? Phinde, akunjalo!

18Uma ngizobuye ngivuselele lokho ekade ngikubhidliza, ngalokho ngikhombisa ukuthi ngingumuntu oweqa umthetho.

19Mina ngabulawa umthetho ngafa ngakhululeka kuwo yikhona ngizophilela uNkulunkulu. Ngabethelwa kanye noKristu,

20akuseyimi ophilayo, sekunguKristu ophila kimi. Lempilo engiyiphila manje ngiyiphila ngokukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu eyangithanda yaze yanikela ngokuphila kwayo ngenxa yami.

21Angiwuchithi umusa kaNkulunkulu ngiwenze ize. Kodwa uma umuntu ethethwa yicala ngokwenza okushiwo ngumthetho, kusho ukuthi uKristu wafela ize.

AseGalathiya 3

Ukukholwa noma ukugcina umthetho?

1Maye we ziwula zamaGalathiya! Niluthwe ngubani na? Nachazelwa ngoKristu kwagqama, kwaba sengathi nimbona ngamehlo enu ebethelwe esiphambanweni.

2Ake nginibuze lombuzo owodwa: Nawemukela uMoya kaNkulunkulu ngokwenza okubizwa ngumthetho yini, noma nawemukela ngokuzwa indaba ethokozisayo nangokuyikholwa na?

3Yini nibe yizithutha kangaka na? Naqala ngoMoya oyiNgcwele kepha manje seniphetha ngemithetho yokusoka na?

4Konke enakubonayo nakuzwa ngabe kuyize yini na? Impela akulula ukuba ngikholwe ukuthi kuyize.

5Ngabe uNkulunkulu uninika uMoya wakhe enze imisebenzi emangalisayo phakathi kwenu ngenxa yokugcina kwenu umthetho noma kungenxa yokuzwa kwenu indaba emnandi niyikholwe na?

6Ake nimbheke uAbhrahama! Umbhalo ongcwele uthi: “Wakholwa kuNkulunkulu, kwase kubalelwa kuye ukulunga.”

7Kuhle nazi ukuthi abaka-Abhrahama ngempela yilabo abakholwayo.

8Umbhalo ongcwele wabona phambilini ukuthi uNkulunkulu uthetha abezizwe ngecala ngenxa yokukholwa kwabo. Ngakhoke indaba ejabulisayo yashunyayelwa endulo kuAbhrahama lapho uNkulunkulu ethi kuye: “Zonke izizwe ziyobusiseka ngawe.”

9Ngakhoke abokukholwa bayabusiseka kanye noAbhrahama owayekholwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Bonke abethembela emisebenzini ebizwa ngumthetho baphansi kwesiqalekiso.
Ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Wonke umuntu ongakulaleli konke okulotshwe
emqulwini womthetho ahambe ngakho, uqalekisiwe nguNkulunkulu.”

11Kusobala ukuthi akukho muntu othethwa yicala phambi kukaNkulunkulu
ngokugcina umthetho, ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Lowo obalelwa ukulunga
uyophila ngokukholwa kwakhe.”

12Kodwa emthethweni akushiwo lutho ngokukholwa, kepha kuthiwa nje: “Ogcina
imiyalo uyophila ngokwenze njalo.”

13UKristu wasihlenga esiqalekisweni esibangwa umthetho, waphenduka
isiqalekiso eqalekiselwa thina, njengoba umbhalo uthi: “Umuntu olengiswa
esigxotsheni uqalekisiwe.”

14Kwenziwa lokhu ukuba isibusiso sikaNkulunkulu asethembisa uAbhrahama
sehliselwe kwabezizwe ngoKristu Jesu, bese-ke ngokukholwa samukeliswa uMoya
oyiNgcwele esawethenjiswa nguNkulunkulu.

Umthetho nesethembiso

15Bazalwane, ake nginifanekisele ngento ejwayelekile kubantu! Uma umuntu
eseyibhalile incwadi yefa, yayisifakazelwa yinkantolo, akukho muntu ongachitha
noma anezelele utho kuleyoncwadi yefa.

16Izethembiso zikaNkulunkulu zabhekiswa kuAbhrahama nenzalo yakhe. Uma
umbhalo ongcwele usebenzisa igama elithi “inzalo” awuqondisi kwabaningi;
munye kuphela okuqondiswe kuye, lowo nguKristu.

17Ngiqonde ukuthi izwi lokwaba ifa elaqiniswa uNkulunkulu endulo lingeguqulwe
kuchithwe isethembiso ngomthetho owashaywa sekudlule iminyaka
engamakhulu amane namashumi amathathu.

18Ngoba uma ngabe ifa labiwa ngomthetho kusho ukuthi kalitholakali
ngesethembiso, kodwa uNkulunkulu waba nobubele kuAbhrahama wamabela,
ngokumethembisa lona.

19Kanti kwakuhlosweni ngomthetho na? Wenezelwa ukuba udalule ukuthi ukona
kuyini, uqhubeke usebenze kuze kufike yena oyinzalo ka-Abhrahama,
okwakubhekiswe kuyena isethembiso. Umthetho wamiswa ngesandla sezingilosi,
wadluliselwa kubantu ngumlamuli.

20Umlamuli ulamulela abaningi, kodwa uNkulunkulu uzimele uyedwa.

Inhloso yomthetho

21Umthetho uphambene yini nezethembiso zikaNkulunkulu na? Phinde, akunjalo!
Ngoba ukuba uNkulunkulu ubengasinika umthetho okwazi ukuletha ukuphila,
sasiyothethwa yicala ngoba sigcina umthetho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

22Kodwa umbhalo ongcwele uthi wonke umhlaba ugqilazwe amandla esono, ukuze abakholwayo badle ifa abalethenjisiwe, balidle ngokukholwa kwabo kuJesu Kristu.

23Kodwa kungakafiki ukukholwa sasivalelwe phansi komthetho siyiziboshwa kwaze kwafika ukukholwa okwakuzokwembulwa.

24Ngakhoke umthetho wawungumeseki wethu owayezosiholela kuKristu, ukuba sithethwe yicala ngokukholwa.

25Ngakhoke asisaholwa ngumeseki lowo, njengoba ukukholwa sekufikile.

26Nina nonke ningamadodana kaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu Jesu.

27Nabhabhadiswa naba munye noKristu, ngakhoke manje senembethe uKristu.

28Ngakhoke awukho umehluko phakathi komJuda nowezizwe, phakathi kwesigqila nokhululekileyo; akakho owesilisa nowesifazane, ngoba nina nonke nimunye kuKristu Jesu.

29Uma ningabakaKristu, seningabozalo luka-Abhrahama, niyizindlalifa ngokwesethembiso sikaNkulunkulu.

AseGalathiya 4

1Ngithi-ke manje, indodana eyodla ifa likayise iphathiswa okwesigqila lapho iseyingane, phezu kokuba kungokwayo konke.

2Uma isencane iba phansi komeseki nabaphathi kuze kufike isikhathi esamiswa nguyise sokuba iziphathe.

3Kanjalo nathi ngenkathi siseyizingane enkolweni sasiyizigqila, sibuswa yizinto zalomhlaba ezingamalutha.

4Kodwa lapho isikhathi esimisiweyo sesifikile, uNkulunkulu wathumela iNdodana yakhe. Yazalwa ngowesifazane, yakhula ingaphansi komthetho,

5khona izohlenga ababephansi komthetho ukuba sithole ilungelo lokuba ngamadodana kaNkulunkulu.

6Njengoba ningamadodana akhe, uNkulunkulu uthumele ezinhliziyweni zethu uMoya weNdodana yakhe omemeza uthi: “*Abba*, Baba! ”

7Ngakhoke awuseyiso isigqila kodwa usuyindodana. Njengoba uyindodana, usubekiwe nguNkulunkulu waba yindlalifa.

Ukukhathazeka kukaPawula ngamakholwa aseGalathiya

8Ngesikhathi esedlule naningamazi uMvelinqangi, ngakhoke naniyizigqila zonkulunkulumbumbulu.

9Kepha manje seniyamazi uMvelinqangi kodwa okungcono kunalokhu ukuthi naye useyanazi. Pho kungenzeka kanjani-ke ukuba niphindele ezintweni

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ezingamalutha abuthakathaka ayize na? Nithandelani ukuba nibuye nibe yizigqila zawo na?

10Niyaye nazise izinsuku nezinyanga nezinkathi ezithile neminyaka.

11Ngikhathazekile ngani! Kungase kwenzeke ukuba kanti ngizikhandlele ize ngenxa yenu!

12Bazalwane ngiyanincenga, ngifuzeni! Phela nami sengaba yilokho eniyikho. Aningonanga ngalutho.

13Niyasazi isizathu esangenza nginishumayeze indaba emnandi khona kwasekuqaleni. Kwakungenxa yokuthi ngangibuthaka egazini.

14Noma impilo yomzimba wami yayingaba yisicanulo kini, kodwa anizange ningicanukele kumbe ningenyanye. Impela, nangemukela kwasengathi ngiyingilosi kaNkulunkulu, nangemukela kwasengathi nginguKristu Jesu.

15Sekuphelelephi ukuncoma kwenu nithi nibusisekile na? Ngiyaqinisa ukuthi naningakopolota amehlo enu ninginike wona ukuba kwakunokwenzeka.

16Ngabe sengiphenduke isitha kinina ngokunitshela iqiniso na?

17Lababantu bakhombisa ukushisekela ngani, ngenhloso engenhle nokho. Bafuna nehlukane nami nce nihungeke nibalandele.

18Ukushisekela kuyinto enhle uma injongo iyinhle. Akuqhubeke njalo, kungabi ngoba nje ningibona!

19Bantabami abathandekayo! Njengowesifazane ehelelwa nxa ebeletha, kanjalo nami sengiyabuzwa lobubuhlungu ngani, kuze kubonakale ubukhona bukaKristu phakathi kwenu.

20Ngifisa sengathi ngabe ngikini manje lapho nikhona, kengithi ukukhuluma nani ngephimbo elizonithinta enhliziyweni. Ngikhathazeke kabi ngani!

Indaba kaHagari noSara iqukethe umqondo ojulile

21Ake ningitshele nina enifuna ukubuswa ngumthetho: Anikuzwa yini okushiwo ngumthetho na?

22Kulotshiwe ukuthi uAbhrahama wazala amadodana amabili, enye kowesifazane owayeyisigqila, enye kowesifazane owayekhululekile.

23Indodana ayizala esigqilini yatholakala ngendlela ejwayelekile, kodwa lena ayizala kowayekhululekile, yatholakala ngokwesethembiso sikaNkulunkulu.

24Lendaba iqukethe umqondo ojulile. Abesifazane laba ababili bangumfanekiso wezivumelwano ezimbili. Lowo obantwana bakhe bazalelwe ebugqilini nguHagari; nguye omele isivumelwano esavela entabeni yaseSinayi.

25KwelaseArabhiya intaba yaseSinayi ibizwa ngokuthi yiHagari. Ingumfanekiso weJerusalema lalapha emhlabeni elisebugqilini nabo bonke abakulo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26Kodwa iJerusalema lasezulwini likhululekile, lingumame.

27Ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Jabula mfazi ongazalanga! Memeza uhayiye ngenjabulo wena ongakaze uhelelwe! Ngoba isaliwakazi somfazi siyoba nabantwana abaningi sedlule abomfazi onendoda.”

28Kepha nina bakwethu ningabantwana besethembiso sikaNkulunkulu njengoIsaka.

29Ngalesosikhathi indodana eyayizelwe ngendlela yakobantu yayimhlupha owayezelwe ngoMoya kaNkulunkulu; kunjalo-ke namanje.

30Kanti umbhalo ongcwele uthini na? Uthi: “Xosha lesisigqilakazi nendodana yaso, ngoba indodana yaso ayinakulidla ifa kanye nendodana yowesifazane okhululekile.”

31Ngakhoke bazalwane, asiyibo abantwana besigqilakazi, kodwa singabantwana bowesifazane okhululekile.

AseGalathiya 5

Hlalani nikhululekile

1Lapho uKristu esikhulula wayefuna ukuba sihlale sikhululekile. Ngakhoke, yimani niqine, ningabe nisazifaka ejokeni lobugqila.

2Lalelani lapha, mina Pawula ngiyanitshela ngithi uKristu akayikunisiza ngalutho uma ningasoka.

3Ngiyaphinda ngiyanikhuza ngithi, wonke umuntu osokayo uphoqekile ukuba afeze konke okushiwo ngumthetho.

4Nizahlukanisile noKristu, nina enizama ukuthethwa yicala ngokugcina kwenu umthetho, nazibandlulula emuseni kaNkulunkulu.

5Thina-ke, sikubheke ngethemba ukuthi ngamandla oMoya oyiNgcwele siyothethwa yicala ngokukholwa kwethu.

6Uma sikuKristu Jesu, akusho lutho ukuthi siyasoka noma asisoki. Okumqoka kungukukholwa okuveza imisebenzi yothando.

7Beniqhuba kahle kakhulu! Ngubani oniphazamisile wanivimbela ukuba ningalilandeli iqiniso na?

8Lokhukuhehwa akuveli kuNkulunkulu onibizayo.

9Khumbulani ukuthi: “Imvubelo iyaye ibe ncane, kodwa ibilise yonke inhlama.”

10Mina ngokwami ngiyethemba ukuthi, njengoba sisebunyeni neNkosi uJesu anizukungenwa ngomunye umqondo. Lowo onididayo, noma ngabe engubani, uyojeziswa nguNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Kodwa mina, bazalwane, uma ngisaqhubeka nokushumayela ukuthi ukusoka kudingekile, pho ngisazingelelwani na? Ukuba lokho bekuyiqiniso, ukushumayela kwami ngesiphambano sikaKristu bekungeke kusaba yisicasulo.

12Ngifisa sengathi lababantu abanidungayo bangaqhubeka njalo nokuzisoka baze bazithene!

13Nina-ke bakwethu nabizelwa inkululeko. Kuphela nje, musani ukusebenzisa lokhukukhululeka kwenu kube yizaba zokubuswa yimvelo yokonakala. Kodwa khonzanani nenzelane okuhle ngothando!

14Ngoba umthetho wonke uqoqwe umyalo owodwa othi: “Wothanda wonke umuntu ngothando ozithanda ngalo! ”

15Kodwa uma nilwa nodwa nilumana ninephulana njengezilwane, qaphelani ngoba nizoqedana!

UMoya kaNkulunkulu nemvelo yomuntu

16Engikushoyo yilokhu: UMoya kaNkulunkulu awunihole empilweni yenu, yikhona ningezukufeza okufiswa yimvelo yenu yokonakala.

17Ngoba okufiswa yimvelo yomuntu kuphambene nokufiswa nguMoya oyiNgcwele, nalokho okuthandwa nguMoya kuphambene nalokhu okufiswa yimvelo yokonakala. Lokho okubili akuzwani, kulwa njalo, ngakhoke anikwazi ukwenza enithanda ukukwenza.

18Uma niholwa nguMoya kaNkulunkulu, aningaphansi komthetho.

19Imisebenzi ethandwa yimvelo yokonakala isobala. Nansi-ke: ubufebe nobunuku namanyala

20nokukhonza izithixo nokuthakatha. Abantu baba yizitha bese bexabana, babe nomona, bathukuthele, babange. Bahlukana amaqembu ngamaqembu.

21Baba nomhawu, badakwe, baminze, benze nezinye izinto ezifana nalezi. Ngiyanixwayisa njengoba ngake nganitshela phambilini ukuthi abenza izinto ezinje ngeke balidle ifa lombuso kaNkulunkulu.

22Izithelo zoMoya oyiNgcwele uthando nokujabula nokuthula, ukubekezela nobubele nesisa, ukwethembeka

23nobumnene nokuzithiba. Awukho umthetho omelene nalezizinto.

24AbakaKristu Jesu babethele esiphambanweni imvelo yabo yokonakala kanye nokuhuheka nezinkanuko zayo.

25UMoya kaNkulunkulu usiphe ukuphila, ngakhoke asiholwe nguMoya empilweni yethu.

26Asingaziqhenyi ngokufuna udumo oluyize, singaqhudelani, singafelani umona!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AseGalathiya 6

Thwalisanani imithwalo

1Bazalwane, uma umuntu ebhabheka ebubini, nina eniholwa nguMoya oyiNgcwele mvuseni, nikwenze lokhu ngomoya omuhle omnene. Nani qaphelani hleze nilingwe.

2Thwalisanani imithwalo! Ngalokho niyofeza umthetho kaKristu.

3Uma umuntu ezishaya utho, kanti empeleni engelutho, uyazikhohlisa.

4Umuntu ngamunye akahlole eyakhe imisebenzi! Uma imihle uyozincoma ngayo, ngaphandle kokuyiqhathanisa naleyo eyenziwa ngomunye.

5Ngoba wonke umuntu uyozithwalela owakhe umthwalo.

6Umuntu ofundiswa inkolo yobuKristu akaphane kulowo omfundisayo kokuhle konke anakho.

7Ningazikhohlisi; akuhlekiswa ngoNkulunkulu. Lokho umuntu akutshalayo uyokuvuna.

8Labo abakutshala ngoba befuna ukwanelisa izifiso zemvelo yabo, bayothola kulemvelo yokonakala isivuno esingukubhujiswa, kepha laba abakutshala ngoba bethanda ukwanelisa izilokotho zoMoya kaNkulunkulu, bayothola kuloMoya isivuno esingukuphila okuphakade.

9Kepha asingakhathali ukwenza okuhle, ngoba ngesikhathi esifaneleyo siyovuna uma singalilahli ithemba.

10Ngakhoke uma sisenethuba asenze okuhle kubo bonke, ikakhulu kulabo abangabendlu yakwethu yokukholwa!

Ukuxwayisa kokugcina nokuvalelisa

11Ake nibheke nje ukuthi nginilobela ngesandla esikhulu kangakanani!

12Abafuna ukuniphoqa ukuba nisoke yilabo abathanda ukuzenza bahle kubantu. Bakwenzela ukuba babalekele ukuhlushwa ngamaJuda ngenxa yesiphambano sikaKristu.

13Ngisho nabasokayo kabawulandeli umthetho; bafuna ukuba nisoke bese bezincoma ngokuthi nalithobela lelisiko lokusoka.

14Kodwa mina ngingeze ngalinga nakulinga ngizincome ngokunye; ngiyozincoma kuphela ngesiphambano seNkosi yethu uJesu Kristu. Njengoba yabethelwa kuso, nami sengafa mayelana nalomhlaba, nezinto zawo azisangikhangi.

15Akusho lutho ngempela ukuthi sisokile noma asisokile, kunye kuphela okumqoka: ukuba sibe yizidalwa ezintsha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Bonke abahamba ngalendlela yemfundiso, akube khona ukuthula kubo,
benzelwe isihawu; yibo kanye abanguIsrayeli kaNkulunkulu.

17Kusukela manje angingabe ngisakhathazwa muntu, ngoba izibazi ezisemzimbeni
wami ngazithola ngenxa kaJesu.

18Bazalwane salani nomusa weNkosi yethu uJesu Kristu, ibusise umoya wenu!
Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ElasEfesu

ElasEfesu 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula, engabekwa ngentando kaNkulunkulu ngaba
ngumphostoli kaKristu Jesu. Ngiyilobele nina bandla elingcwele lasEfesu
enikholwa kuKristu Jesu.

2Nginifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu
Kristu.

Izibusiso zokomoya zabakaKristu

3Akabongwe uMvelinqangi, yena onguNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu
Kristu! Usibusisile kuKristu thina ngazo zonke izibusiso zokomoya ezisezulwini.

4Engakadali mhlaba wasiqoka ngoKristu saba ngabakhe, ukuba thina sibe ngcwele
singenasici phambi kwakhe sisothandweni lwakhe.

5Wayevele esesinqumele ilungelo lokuba ngamadodana akhe asithola ngoJesu
Kristu; wakuhlosa lokhu ngentando yakhe.

6Kadunyiswe ngomusa wakhe obabazekayo asenzela wona ngeNdodana yakhe
ayithandayo!

7Yabulawa sachithelwa igazi layo, ukuhlengwa kwethu sekukuyo, izeqo zethu
zithethwa ngalo. Mkhulu yini pho umusa wakhe

8asicola ngawo kwaze kweva, wasipha inhlakanipho nolwazi lonke.

9Wasambulela isu lakhe eliyimfihlakalo ayesevele enqume ukulifeza ngoKristu.

10Lelisu ayezolifeza sekufika isikhathi, ngelokuba ahlanganise okudaliweyo konke
okusezulwini nokusemhlabeni, kube mdibi munye kuKristu oyinhloko.

11Wabuye wasabela ifa kuKristu, njengalokhu ayesevele enqumile kwasekuqaleni
ngentando yakhe, yena ofeza konke akuhlosileyo.

12Kwakuyintando yakhe ukuba sibe yibo okudunyiswa ngabo ubukhosi bakhe,
thina esingabokuqala kulabo ababeka ithemba labo kuKristu.

13Nani-ke nakholwa kuKristu mhla nizwa izwi eliyiqiniso, eliyindaba emnandi
yensindiso yenu. Njengoba ningabakaKristu uNkulunkulu wanishaya uphawu
loMoya oyiNgcwele enawemukelayo njengoba ayethembisile uNkulunkulu.

14LoMoya uyisibambiso sefa lethu, uqinisa ukuthi isizwe azizuzele sona
uNkulunkulu siyohlengwa, kudunyiswe ubukhosi bakhe.

UPawula ubacelela inhlakanipho nolwazi

15Sengizwile ngokukholwa kwenu eNkosini uJesu nangothando lwenu enithanda
ngalo bonke abakholwayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Ngakhoke angiphezi ukubonga uNkulunkulu ngenxa yenu nxashana nginikhumbula emikhulekweni yami.

17Ngiyamnxusa uBaba wodumo, uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Kristu, ukuba aniphe uMoya ozonihlakaniphisa nambulelwe uNkulunkulu nimazi kahle.

18Akanikhanyisele nivuleke amehlo nibone ukuthi linjani lelithemba anibizele kulo, nokuthi buhle kangakanani ubukhosi balelifa alinika abangcwele.

19Nibone nokuthi makhulu kangakanani lawamandla asebenza ngawo ngaphakathi kithina esikholwayo. Yiwo-ke lawamandla esabekayo

20ayesebenza ngawo kuKristu mhla emvusa kwabafileyo, wambeka kwesokunene sakhe ezulwini.

21UKristu uyabusa lapho ungaphezu kwazo zonke izikhulu, nabanegunya, neziphathimandla, nababusi, ungaphezu kwabaphethe izikhundla zonke ezaziwayo, kungesikho kulelizwe lamanje kuphela, ngisho nakwelizayo.

22UNkulunkulu wakugoba konke kwawuthobela umbuso kaKristu, wambeka waba yinhloko yebandla lonke.

23Lona lingumzimba wakhe, ligcwele ubukhona balowo ogcwalisa konke ngobukhona bakhe ezindaweni zonke.

ElasEfesu 2

Ababefile asebebuye baphila

1Nina-ke naningabafileyo niyizaphulamthetho ezafela ezonweni zazo.

2Nanihamba ngokona nilandela imikhuba yalomhlaba, niholwa ngumbusi wemimoya emibi yasemkhathini, lowomoya osebenzayo njengamanje kulabo abangamthobeli uNkulunkulu.

3Nathi sonke sake saphila kanjalo siphethwe yizinkanuko zemvelo yethu, sidelisa izifiso zemvelo nemicabango yethu. Ngokwemvelo yethu, thina kwakusifanele ukuba ulaka lukaNkulunkulu lusijezise njengabo bonke.

4Kodwa ububele bukaNkulunkulu bujulile. Ngenxa yothando olukhulu asithanda ngalo

5wasivusa sabuye saphila kanye noKristu nalapho siseyizaphulamthetho ezafela esonweni. Ukusindiswa kwenu kuya ngomusa wakhe.

6UNkulunkulu wasivusa kanye noKristu wasihlalisa kanye naye ezulwini sikuKristu Jesu.

7Wakwenza lokhu ukuba asitshengise ezikhathini ezazisazofika ukuthi umusa wakhe mkhulu ngokwedlulele, ngobubele asenzela bona ngoKristu Jesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Ukusindiswa kwenu ngokukholwa kuya ngomusa wakhe. Beningazenzeli nina
ngemizamo yenu, kepha kuyisipho sikaNkulunkulu.

9Akuyi ngemisebenzi yethu, ukuze kungabikho muntu ozibongayo.

10Thina singumsebenzi wezandla zikaNkulunkulu. Wasidala saba kuKristu Jesu,
ukuba siveze imisebenzi emihle, uMvelinqangi ayihlelela phambilini ukuba
siyenze.

Sibumbene saba munye kuKristu

11Ngakhoke anokhumbula ukuthi kuqala naniphila kanjani nina enaningabezizwe
ngokuzalwa. Babenazi ngokuthi anisokile, labo ababethi bangabokusoka — besho
umkhuba nje owenziwa ngezandla.

12Khumbulani ukuthi ngalesosikhathi naningenabudlelwane noKristu.
Nanihlululiwe emphakathini wakwaIsrayeli, ningenamalungelo
kulezozivumelwano ezakhelwe phezu kwesethembiso sikaNkulunkulu.
Naningenathemba ningenaNkulunkulu lapha emhlabeni.

13Kepha manje senikuKristu Jesu, nina enake naqhela nakude. Senibuye
nasondezwa ngokuchithelwa igazi likaKristu.

14Yena ongukuthula kwethu wadala ukuxolelana, wahlanganisa amaJuda
nabezizwe baba sizwe sinye. Wazinikela ekufeni wadiliza udonga lobutha
olwalusahlukanisa.

15Waqeda umthetho kaMose nemiyalo nezinqumo zawo. Wawuqeda khona
ezobumba lezizizwe zombili zibe munye, kudaleke isizwe esisodwa esikuye, kube
khona ukuxolelana nokuthula.

16Waqeda ubutha ngokufa kwakhe esiphambanweni, wahlanganisa zombili izizwe
zaba mzimba munye, wazenza zabuyisana noNkulunkulu.

17Weza-ke wafike washumayela indaba ethokozisayo yokuthi, kukhona ukuthula
okuqondene nani enanikude, ukuthula abanakho nalabo abaseduze.

18NgoKristu thina sonke maJuda nabezizwe sesinelungelo lokusondela kuBaba
ngaMoya munye.

19Ngakhoke aniseyibo abafokazi nabantu bokuhamba, kepha seniyizakhamuzi
ngaphansi kombuso munye nabangcwele, ningabendlu kaNkulunkulu.

20Nani imbala nakhelwe phezu kwesisekelo esingabaphostoli nabaphrofethi; itshe
legumbi lalesisakhiwo linguKristu Jesu uqobo lwake.

21Nguye obumbanisa isakhiwo sonke, sihlangane sikhule sibe yithempeli
elingcwele eNkosini.

22Nisebunyeni nayo niyakhiwa kanye nathi ngokoMoya sibe yindlu kaNkulunkulu.

ElasEfesu 3

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ukusebenza kukaPawula kwabezizwe

1Mina Pawula ngiboshelwe uKristu Jesu ngihluphekela nina bezizwe,

2engikholwa ukuthi nizwile ngobunceku uNkulunkulu angethwese bona ngomusa wakhe, ukuba ngimemezele kinina lomusa.

3Ungambulele lemfihlakalo ukuba ngiyazi. Sengike ngaloba ngamafishane ngayo.

4Uma nifunda, niyokhanyelwa ngolwazi enginalo ngalemfihlakalo kaKristu.

5Ezizukulwaneni esezadlula babengazange bayikhonjiswe abantu bomhlaba, kepha manje uNkulunkulu useyambulele abaphostoli nabaphrofethi bakhe abangcwele ngoMoya wakhe.

6Imfihlakalo yileyo okulandwa ngayo evangelini yokuthi, kuKristu Jesu abezizwe sebeyizindlalifa kanye nathi. Bayizitho zamzimba munye kanye nathi. Bahlanganyela nathi esethembisweni sikaNkulunkulu.

7UNkulunkulu wangibeka ngaba yinceku yalelivangeli lapho esebenza ngamandla akhe engipha umusa wakhe.

8Ngingomncinyane ngisho kunalowo okuthiwa ungutondo kubo bonke abangcwele. Nokho uNkulunkulu wangipha lesisipho somusa wakhe sokuba ngishumayeze abezizwe indaba emnandi yamafa kaKristu angecwaningwe aqondakale.

9Wathi mangichachise isu elimayelana nemfihlakalo eyayikade iyisifuba sikaMvelinqangi kwaphakade, yena mdali wezinto zonke.

10Wayehlose ukuba, ngobukhona bebandla esikhathini samanje, kubonakale inhlakanipho kaNkulunkulu enhloboningi, yazeke ezikhulwini neziphathimandla kweliphezulu.

11Lokhu wakuhlosa kwaphakade wayesekufeza ngoKristu Jesu iNkosi yethu.

12Siyakholwa kuye, ngakhoke ubunye bethu naye businika ilungelo lokuba sisondele ngomqhanago nangesibindi kuNkulunkulu.

13Sengiyanincenga-ke ukuba ningadikibali ngokunihluphekela kwami, kodwa zigabiseni ngakho.

Ukulwazi uthando lukaKristu

14Ngakhoke ngiguqa ngamadolo ngikhuleka kuBaba.

15Oyise bayo yonke imindeni esezulwini nasemhlabeni babizwa ngegama lakhe.

16Yena owande ngodumo nenkazimulo, ngiyamnxusa ukuba aniphe amandla, aqinise ingaphakathi lenu ngoMoya wakhe.

17Nginxusa ukuba nikholwe kuKristu, ahlale enhliziyweni yenu. Nginicelela ukuba nigxile othandweni lwakhe, lube yisisekelo senu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Yikhona niyothola amandla okuqonda, nikanye nabo bonke abakholwayo,
ukuthi ububanzi nobude nokuphakama nokujula kothando lwakhe kungakanani.

19Sengathi ningalwazi uthando lukaKristu olwedlula ukuqonda konke, nize
nigcwaliswe swi ngokugcwala okupheleleyo kukaNkulunkulu!

20Akabongwe uMvelinqangi osebenza kithi ngamandla akhe, yena okwazi
ukusenzela kweve kakhulu ngaphezu kwalokho esingakucela nesingakuqonda.

21Ufanele ukudunyiswa ebandleni ngoKristu Jesu ezizukulwaneni zonke phakade
naphakade. Ameni.

ElasEfesu 4

Ukuba mzimba munye

1Mina engiboshelwe iNkosi uJesu ngiyaniyala-ke ukuba niziphathe ngendlela
efanele labo ababizelwe ukulandela uKristu.

2Zithobeni nibe mnene ninyamezele njalo, nibekezelelane ngothando!

3Khuthalelani ukuzibopha ngesibopho esingukuthula, ningabudungi ubunye
obuvela ngoMoya kaNkulunkulu!

4Umzimba munye, noMoya munye, njengoba lilinye nethemba anibizele kulo
uNkulunkulu.

5INkosi iyodwa, ukholo lunye, umbhabhadiso munye.

6UNkulunkulu uyedwa onguYise wabo bonke, obabusayo bonke, esebenza ngabo
bonke, ekubo bonke.

7Sonke siphiwe iziphiwo zomusa, yilowo nalowo ngesilinganiso asabelwe
nguKristu.

8Umbhalo ongcwele uthi: “Wenyuka waya endaweni yakhe ephezulu, wemuka
nabaningi abathunjiweyo, abantu wababela izipho,”

9Pho, ukuthi “wenyuka” kuqondeni na? Kukhomba ukuthi wake wehlela lapha
emhlabeni.

10Lowo-ke owehla, nguye kanye owenyuka walengama lonke elaphezulu ukuba
agcwalise konke ngobukhona bakhe.

11Nguye owabela abantu iziphiwo: abanye bangabaphostoli, abanye
bangabaphrofethi, abanye bangabashumayeli bendaba emnandi, abanye
bangabelusi abafundisayo.

12Wahlomisa abakholwayo ukuba bafeze umsebenzi wobunceku, kwakheke
ibandla elingumzimba kaKristu,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13size sifinyelele sonke ebunyeni sibumbane ngokukholwa nangokuyazi iNdodana kaNkulunkulu. Siyokhula ngobuntu bethu size sipheleliswe sifike ebangeni lobuntu obupheleleyo kuKristu.

14Asisayikuba njengabantwana siphoswe ngapha nangapha ngamagagasi, sipheshulwa yimimoya yonke ebhenguzayo emfundisweni, nxashana abantu befuna ukusihlakaniphela, basedukise ngokusiyenga ngobuqili.

15Kepha-ke siyokuma eqinisweni sinothando, sikhule kukho konke size sifane noKristu yena eyinhloko.

16Nguye ohlanganisa umzimba wonke, zonke izitho zawo zixhumane zelekelelane. Yileso nalesositho senza umsebenzi waso ngokuyikho, umzimba wonke ubusukhula wakheke, ubuswa uthando.

Ukuphila kabusha kuKristu

17Ngiyanitshela-ke ngifakaza egameni leNkosi uJesu ngithi: Ningabe nisaziphatha njengokomkhuba wabezizwe abangakholwayo. Imiqondo yabo iyize leze,

18ingqondo yabo ifiphaziwe. Bahlululiwe ekuphileni okuvela kuNkulunkulu. Kabazi lutho kuthe khuhle, banhliziyo zilukhuni banenkani.

19Sebafelwa unembeza kabasenamahloni, sebazinikela emachilweni bahahela ukwenza konke ukungcola.

20Kepha lokhu akuhambelani nenakufundayo mhla niba ngabafundi bakaKristu.

21Natshelwa ngaye nemukela imfundiso yakhe yeqiniso elikuJesu.

22Nafundiswa ukuba ningabe nisaphila njengoba kade nenza, kodwa ukuba nikhumule imvelo yenu yokonakala eniyisa ekubhujisweni, nikhohliswa yizinkanuko zenu.

23Nabuye nafundiswa ukuthi, kufanele kuguqulwe inhliziyo nomqondo wenu kube kusha,

24nembathe imvelo yomuntu omusha edalwe yafuza uNkulunkulu, nihambe ngokulunga nobungcwele beqiniso.

25Ngakho yekani amanga, nikhulume iqiniso umuntu kumuntu, lokhu siyizitho zamzimba munye.

26Uma nithukuthela zibambeni ningoni, ilanga lingashoni nisadiniwe,

27hleze uSathane nimnike ithuba lokunahlula.

28Owebayo akayeke ukweba, asebenze aziphilise ngezikhwepha zakhe, akwazi nokupha abantulayo.

29Emlonyeni wenu akungaphumi inkulumo ebhinayo, kepha khulumani okusizayo nokwakhayo lapho kudingeke khona, kulethe isibusiso kwabezwayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Ningawudabukisi uMoya oyiNgcwele kaNkulunkulu. Wona uluphawu enalushaywa nguNkulunkulu, kube neqiniso lokuthi usuku luyofika lapho niyohlengwa ngokupheleleyo.

31Awaphele nya phakathi kwenu amagqubu nolaka nentukuthelo nesiwiliwili nokujivazana, kanye nobubi bonke.

32Yibani mnene omuye komunye, nihawukelane nithethelelane njengalokhu noNkulunkulu anithethelela ngoKristu.

ElasEfesu 5

Hambani njengabantu bokukhanya

1Lingisani uNkulunkulu, njengoba ningabantwana bakhe abathandekayo.

2Ukuhamba kwenu akubuswe uthando olunjengalolo uKristu asithanda ngalo. Wadela ukuphila kwakhe ngenxa yethu, waba ngumnikelo nomhlatshelo oyiphunga elithaphuka kamnandi elethulwa kuNkulunkulu.

3Ubufebe nobunuku noma baluphi uhlobo ngisho nokubuhahela, akungaphathwa nakuphathwa nje phakathi kwenu, ngoba lokho akuwafanele amaKristu.

4Ningayikhulumi into eyichilo, ningampompi nincokole kabi; esikhundleni salokho bongani uNkulunkulu.

5Hlalani nazi ukuthi, nobani oyisifebe nonamanyala nohahayo (phela onjalo ukhonza izithixo) akanasabelo efeni elingumbuso kaKristu noNkulunkulu.

6Ningakhohliswa muntu ngamazwi ayize, ngoba yizo lezizinto ezibanga ulaka lukaMvelinqangi ukuba lwehlele kulabo abangamthobeli.

7Nina-ke musani ukudlelana nabo.

8Nanikade nibuswa ngubumnyama, kodwa manje ningukukhanya eNkosini. Ziphatheni-ke njengabantu bokukhanya!

9Ukukhanya kuveza izithelo ezingubuhle bezinhlobo zonke nokulunga neqiniso.

10Hlolisisani ukuthi yikuphi okuthandeka eNkosini!

11Yahlukanani nemisebenzi yabantu ababuswa ngubumnyama ningayenzi ngoba ayisizi ngalutho, kodwa kunalokho yidaluleni.

12Kuyichilo ngisho nokuxoxa nje ngezinto abazenza esitha.

13Konke-ke okudalulwayo kuvezwa obala ngukukhanya,

14ngoba konke okuvezwa obala kuba ngukukhanya. Yingakho-ke kuthiwa: “Phaphama wena oleleyo uvuke kwabafileyo, yikhona uyophunyelwa yilanga elinguKristu akukhanyisele.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Ngakhoke qaphelani ukuthi niziphethe kanjani, ningabi yiziwula, kodwa nihlakaniphe.

16Sebenzisani onke amathuba eninawo, ngoba lezizikhathi esiphila kuzo zimbi.

17Ngakhoke musani ukuba yizithutha; qondani ukuthi uNkulunkulu ufuna ukuba nenzeni.

18Alinganidaki iwayini hleze libulale impilo yenu nibe yimiphuphe, kodwa uMoya oyiNgcwele awugcwale ezinhliziyweni zenu.

19Hayani nivumelane ngamahubo namaculo nezingoma zokoMoya, nihlabelele nihube enhliziyweni yenu nibongele iNkosi.

20Mbongeni njalo uNkulunkulu uBaba ngakho konke ngegama leNkosi yethu uJesu Kristu!

Ukuhlalisana kwabaganeneyo

21Thobelanani ngoba uKristu nimesaba!

22Nina makhosikazi thobelani abayeni benu kube sengathi nithobela iNkosi!

23Ngoba indoda iyinhloko yomkayo njengalokhu uKristu eyinhloko yebandla angumsindisi walo, libe lingumzimba wakhe.

24Njengoba ibandla limthobela uKristu, kanjalo nabafazi abathobele abayeni babo ngakho konke.

25Nina madoda thandani omkenu njengalokhu noKristu alithanda ibandla, wadela ukuphila kwakhe ngenxa yalo.

26Wakwenza lokhu ukuba libe ngelahlukaniselwe uNkulunkulu, walingcwelisa walihlambulula ngamanzi nangezwi lakhe.

27Ngoba wayethanda ukulisondeza kuye ibandla linenkazimulo, lingenachashazi nasisihla nokunye okunjalo, kodwa libe ngcwele lingabi nasici.

28Ngokunjalo namadoda kufanele athande omkawo njengalokhu ethanda eyawo imizimba. Othanda umkakhe uzithanda yena uqobo.

29Akakho owake wazonda owakhe umzimba, kodwa wonke umuntu uyawondla awunakekele, njengalokhu noKristu elondla ibandla elinakekela.

30Thina-ke siyizitho zomzimba wakhe.

31Umbhalo ongcwele uthi: “Ngakhoke indoda iyoshiya uyise nonina inamathele kumkayo, laba ababili babe muntu munye.”

32Lemfihlakalo inkulu, mina-ke ngiyifanekisa noKristu nebandla.

33Kepha nakini ngithi yileyo naleyondoda ayithande umkayo ngothando ezithanda ngalo. Kodwa owesifazane akahloniphe umyeni wakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ElasEfesu 6

Ukuzithoba nokukhombisa uthando

1Nina bantwana lalelani abazali benu ngenxa yeNkosi, ngoba kufanele ukuba nikwenze lokhu.

2Umyalo wokuqala onesethembiso yilowo othi: “Yazisa uyihlo nonyoko,

3ukuze konke kukuhambele kahle, imihla yakho yande emhlabeni.”

4Nani bazali musani ukubachukuluza abantwana benu; bakhuliseni ngomthetho wamaKristu, nibaphathe ngesandla esiqinile nibayale!

5Nina zisebenzi lalelani abaniphetheyo emsebenzini, nibakhonze ngenhliziyo eqotho, nibesabe nibazise kube sengathi nilalela uKristu.

6Ningakwenzi lokhu ngoba benibuka, kodwa thembekani noma bengekho, nibe yizisebenzi zikaKristu eziyenza ngenhliziyo intando kaNkulunkulu.

7Yenzani umsebenzi wenu niwujabulele, kungabi sengathi nenzela abantu kodwa nenzele iNkosi uJesu.

8Khumbulani ukuthi umuntu wonke, eyisigqila noma ekhululekile, uyovuzwa yiNkosi uma kukhona okuhle akwenzayo.

9Nani baphathi, ziphatheni kanjalo izisebenzi zenu ningazisongeli. Niyazi ukuthi nina nezisebenzi zenu niphethwe nonke yiNkosi esezulwini engenzeleli.

Ukuhloma izikhali zikaNkulunkulu

10Okokugcina, qinani eNkosini nasemandleni ayo amakhulu!

11Hlomani zonke izikhali zikaNkulunkulu yikhona nizokwazi ukuzabalaza nxa uSathane enihlasela ngamaqhinga akhe.

12Asilwi nabantu nje, kepha sibhekene nezikhulu nababusi neziphathimandla okuyimimoya yalomhlaba osebumnyameni, imimoya emibi esemkhathini.

13Ngakhoke hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nikwazi ukumelana nezitha mhla kukubi, nilwe niqede, nigcine seninqobile.

14Yimani niqine, iqiniso libe ngumchilo enibhukule ngawo izinkalo zenu, ukulunga kube ushodo lwenu lokuvikela isifuba,

15izinyawo zenu ziqine nilungele ukuhambisa indaba emnandi yokuthula!

16Ngaphezu kwakho konke, phathani isihlangu esingukukholwa, ukuze nikwazi ukuzivikela nxa omubi enihlasela ngemicibisholo evutha umlilo, niwubhule.

17Yamukelani insindiso, ibe yisigqoko sokuvikela ikhanda, uMoya oyiNgcwele unihlomise ngenkemba eyizwi likaNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Kwenzeni lokhu ngokukhuleka njalo nokunxusa uNkulunkulu, nithandaze ngezikhathi zonke, uMoya wakhe unihole! Hlalani niqaphile niphikelele ekukhulekeni, ninxusele bonke abakholwayo!

19Ninginxusele nami, nicele ukuba uNkulunkulu anginike amazwi afaneleyo ngesikhathi sengizokhuluma, ngibe nesibindi sokushumayela imfihlakalo yendaba emnandi.

20Ngiyinxusa lalelivangeli ngisho noma ngiboshiwe. Celani ukuba ngilishumayele ngesibindi njengoba kufanele.

Ukuvalelisa

21Ukuze nani nazi ukuthi ngihlezi nhlaloni nokuthi ngiqhuba kanjani, niyokuzwa konke ngoThikhikho, umzalwane othandekayo osebenzela iNkosi ngokwethembeka.

22Ngalesosizathu-ke ngimthumela kini, ukuze anibikele ukuthi thina sihlezi kanjani, kududuzeke izinhliziyo zenu.

23Bazalwane salani nokuthula nothando nokukholwa okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

24Abasale nomusa bonke abathanda iNkosi yethu uJesu Kristu, baphile phakade!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ElaseFiliphi

ElaseFiliphi 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula nakuThimothi, esiyizinceku zikaKristu Jesu.
Siyilobela nina nonke bandla elingcwele laseFiliphi eningabakaKristu Jesu, kanye
nabaholi bebandla namagosa alo.

2Sinifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu
Kristu.

UPawula uyabakhulekela

3Kuthi njalo lapho nginikhumbula bese ngimbonga uNkulunkulu.

4Kuyaye kuthi njalo lapho nginikhulekela nonke, ngikhuleke ngentokozo,

5ngoba selokhu nangilekelela njalo emsebenzini wevangeli kusukela osukwini
lokuqala kwaze kwaba manje.

6Ngineqiniso lokuthi uNkulunkulu owaqalisa umsebenzi omuhle kinina
uyowufeza kuze kube mhla wosuku lokubuya kukaKristu Jesu.

7Kungifanele ukuba ngibuswe ngumcabango onjalo nxa nginikhumbula nonke,
ngoba nihleli njalo nisenhliziyweni yami nina nonke enihlanganyela kulowomusa
nami engiwenzelwe nguNkulunkulu ngisaboshiwe nalapho ngilivikela ivangeli
esigcawini, ngilishumayela ukuba abantu balikholwe.

8UNkulunkulu ungufakazi wami wokuthi ngikhuluma iqiniso ekutheni umuzwa
enginilangazelela ngawo uvela embilinini kaJesu uqobo.

9Emkhulekweni wami nginxusa ukuba uthando lwenu luvame kakhulu, kanye
nolwazi nokuqonda okupheleleyo,

10ukuba nikwazi ukukhetha okufaneleyo. Bese kuthi mhla ebuyayo uKristu nibe
msulwa ningenasici,

11kuvame kini imisebenzi elungileyo evela ngoJesu Kristu, ukuze kudunyiswe
uNkulunkulu abongwe.

“Kimi ukuphila kungukuphila kuKristu”

12Manje-ke bakwethu, ngithanda ukuba nazi ukuthi izinto ezangehlelayo zabanga
ukuba ivangeli liqhubeke,

13kwaze kwabakhanyela ngokusobala bonke ogqayinyanga besigodlo
sengonyama kanye nabo bonke abalapha ukuthi kanti ngiboshelwe ukusebenzela
uKristu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Njengoba ngisejele nje, iningi labazalwane lethembela kakhulu eNkosini uJesu,
kwaba yima bequngeka kakhulu isibindi sokushumayela izwi likaNkulunkulu
bengesabi.

15Abanye kambe bashumayela uKristu ngomona nangochuku, kepha kukhona
nabanye abakwenza ngenhloso elungileyo.

16Laba bakwenza kusuka othandweni ngoba bayazi ukuthi uNkulunkulu
ungikhethele ukuvikela ivangeli.

17Kepha abanye laba bashumayela uKristu wombango, bengahlosile okuhle
kodwa behlose ukuba bafeze izinjongo zabo, becabanga ukuthi uma benze njalo
ngizokhathazeka kakhulu ngisejele.

18Mina angigqizi qakala! Okuyikhonakhona ukuthi bayashumayela ngoKristu
noma ngayiphi indlela, noma ngabe bahlose okubi noma okuhle. Ngakhoke
ngiyathokoza, ngiyobe ngisalokhu ngithokoza.

19Ngiyazi phela ukuthi isiphetho salokhu ukuthi ngiyophepha ngiphume phambili,
ngamandla emikhuleko yenu nangokusiza koMoya kaJesu Kristu.

20Isifiso sami esikhulu nethemba lami ukuba ngingahlazeki ngalutho kodwa ngibe
nomqhanago ngidumise uKristu, manje njengoba bengikwenza izikhathi zonke,
udumo lwakhe lugqame ngakho konke engikwenzayo, noma ngiyafa noma
ngiyaphila.

21Ngoba kimi ukuphila kungukuphila kuKristu, ukufa kuyinzuzo.

22Kodwa, uma ngokuphila kwami kulomhlaba ngisazoqhubeka nomsebenzi oveza
izithelo, ngiyadideka ukuthi ngizokhethani.

23Ngisengxakini yezinto ezimbili. Bengingafisa kakhulu ukwemuka kulomhlaba
ngiyozihlalela noKristu; lokhu kungaba ngcono kakhulu.

24Kodwa-ke ngenxa yenu, kungcono khona ukuba ngisale sengihlala ukuze
nisizakale.

25Ngineqiniso ngalokhu, ngakhoke ngiyazi ukuthi ngisazohlala nani. Ngizolokhu
ngihlezi nani nonke nginisiza ukuba nithuthuke ekukholweni, nijabule ngakho,

26nibe nesizathu sempela sokumdumisa uKristu Jesu ngenxa yami uma
sengiphinda ngifika kini.

27Into nje, ziphatheni ngendlela evumelana nevangeli likaKristu, kuthi noma
ngiphumelela ukuza lapho nginibone noma ngingasaphumeleli, kodwa ngizwe
ukuthi nimi niqinile, nimoya munye, ninenhloso eyodwa, nibambisene nilwela
lenkolo engumphumela wendaba emnandi.

28Ningavumi nakancane ukwesatshiswa ngabamelene nani, kodwa yimani
isibindi. Bayobona ngalokhu ukuthi bayochithwa, kodwa nina nisinde
ngoNkulunkulu oninqobisayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Waninika ngesihle lelithuba lokuba nikholwe kuKristu, nangaphezu kwalokho nibuye nihlupheke ngenxa yakhe.

30Nani nisalwa leyompi enangibona ngiyilwa nenizwa ngayo ukuthi ngisayilwa namanje.

ElaseFiliphi 2

Ukuzithoba kukaKristu nokuthobelana kwamaKristu

1Kukhona phakathi kwenu ukukhuthazana njengoba ningabakaKristu, kukhona nokududuzana okuvela othandweni nobudlelwano obulethwa nguMoya kaNkulunkulu, kukhona isisa nokuzwelana phakathi kwenu.

2Ngakhoke ngiyanincenga ukuba ningijabulise ngokuphelele ngokuba nizwane, nithandane, nibe nhliziyonye nimoya munye.

3Ningenzi lutho ngokuzifunela okwenu, kumbe niziqhenye ngokufuna udumo oluyize, kodwa thobelanani, yilowo makathi bonke bangcono kunaye.

4Yilowo nalowo akanganaki okwakhe yedwa, kodwa akanake okuzophumelelisa abanye.

5Yibani nalowomqondo ayenawo uKristu Jesu!

6Wayevele enesimo sikaNkulunkulu, kodwa ukulingana kwakhe noNkulunkulu akakwenzanga into angase ayibange, abambelele kuyo njengempango.

7Kepha wadela konke ayikho, waqoka isimo sobunceku, wazalwa enesimo sobuntu. Waphila ngendlela ephilwa ngabantu,

8wayesezithoba, walalela waze wadela ukuphila kwakhe, wafa ngokubethelwa esiphambanweni.

9Ngakhoke uNkulunkulu wamphakamisa wambeka esikhundleni esiphezulu, wamnika igama elikhulu elidlula amagama onke,

10ukuze ngegama likaJesu zonke izidalwa ezikweliphezulu nezisemhlabeni nezingaphansi komhlaba ziguqe ngamadolo zimkhulekele,

11zivume zonke ngokusobala ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi. kudunyiswe uNkulunkulu uYise.

Ukukhanya kwamaKristu emhlabeni

12Bahlobo bami abathandekayo, beningilalela njalo ngesikhathi ngisenani. Sekudingeke kakhulu manje ukuba ningilalele ngalesisikhathi ngingasekho kini. Qhubekani nisebenzele insindiso yenu ngokwesaba nangokuthuthumela.

13Ngoba uNkulunkulu uyasebenza ezinhliziyweni zenu yikhona nizojabula ukwenza intando yakhe, nibe namandla okuyenza.

14Kwenzeni konke ngaphandle kokukhonona nokuphikisana,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15nibe msulwa ningenacala ningabantwana bakaNkulunkulu abangenasici behlezi phakathi kwabantu balomhlaba abakhohlakeleyo abayizoni. Khanyani phakathi kwabo njengezinkanyezi zilokoza esibhakabhakeni,

16nina enibambelele ezwini eliletha ukuphila koqobo. Uma nenze njalo ngiyozigabisa ngani mhla uKristu esebuya, ngoba kuyobonakala ukuthi imizamo yami nomsebenzi wami awubanga yisithukuthuku senja esiphelela eboyeni.

17Ukukholwa kwenu ngikwethula kuNkulunkulu njengomhlatshelo. Noma kungase kwenzeke ukuba izingazi zami zichithwe khona lapho, nokho ngiyojabula ngithokoze kanye nani nonke.

18Kanjalo-ke nani kufanele nijabule nithokoze kanye nami.

UThimothi noEphafroditho

19Uma kuyintando yeNkosi uJesu, ngethemba ukuthi ngizomthumela kini masinyane uThimothi khona ngizokhuthazeka lapho sengizwa ngenhlalo yenu.

20Amukho omunye umuntu lapha onomqondo onjengowakhe, onganibonelela ngempela.

21Bonke banaka okungokwabo, kabanandaba nokuqondene noJesu Kristu.

22Niyazi ukuthi uThimothi usekubonakalisile ngempela ukwethembeka kwakhe, esebenza nami njengendodana isebenza noyise ukuba siyishumayele indaba emnandi.

23Ngakhoke ngethemba ukuthi ngizomthumela kini masinyane uma sengizwile ngodaba lwami ukuthi luphetha kanjani.

24Ngethemba iNkosi ukuthi nami ngizosheshe ngize kini mathupha.

25Bengibone kunesidingo sokuba ngithumele kini umzalwane wethu uEphafroditho ebesiqhuba naye umsebenzi wokuvikela ivangeli. Nguye lowo oyinxusa lenu enamthumela kimi ukuba angisize kulokho engikudingayo.

26Usha amashushu ufisa ukunibona nonke. Ukhathazeke kabi emoyeni njengoba nezwa ukuthi uyagula.

27Ngempela wayegula kwembulwa kwembeswa. Kodwa uNkulunkulu wamenzela isisa, akahawukelanga yena yedwa kodwa nami futhi wangihawukela, ukuba ngingafikelwa usizi olungaphezu kwalolo enganginalo.

28Kungakho-ke ngizimisele kangaka ukuba ngisheshe ngimthumele kini, bese nithokoza nxa senibuye nambona, nami ngingabe ngisakhathazeka.

29Nize nimamukele ngokuthokoza ngoba ungumzalwane kanye nani eNkosini uJesu. Yazisani abantu abanjalo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

30Ukuzinikela kwakhe emsebenzini kaKristu kwake kwamsondeza engozini yokufa lapho ezidela amathambo ukuba angisize kulokho eningaphumelelanga ukungisiza kukho.

ElaseFiliphi 3

Ukulunga okuyikho

1Bazalwane bami, okokugcina ngithi thokozani ngeNkosi enikuyo! Akungihluphi ukukuphinda lokho enginitshele khona, kanjalo nani niyohlala nilondekile.

2Baxwayeni abayizinja! Baxwayeni abayizisebenzi ezikhohlakeleyo! Baxwayeni laba abagcizelela ukuba kusokwe ngokusoka okuyisiko labantu nje.

3Ngoba labo abasokwe ngokuyikho yithina esikhonza uNkulunkulu siqhutshwa nguMoya wakhe, sigabe ngoKristu Jesu, singethembeli emikhubeni engamasiko akobantu.

4Mina uqobo ngingaba nesizathu ngempela sokuba ngethembele ezintweni ezinjalo. Impela uma kungase kube khona omunye ozibona ukuthi unesizathu sokwethembela kulokho ayikho nakwenzayo, mina-ke ngingaba nesizathu esikhulu kunaye.

5Ngasokwa ngosuku lwesiphohlongo ngizelwe. NgingumIsrayeli womndeni wakwaBhenjamini. NgingumHebheru wokudabuka. Mayelana nokugcina umthetho nganginguмfarisi.

6Ngawushisekela ngangoba ngaze ngazingela ibandla likaKristu. Mayelana nokulunga okutholakala ngokugcina umthetho ngangingasoleki.

7Kepha ngenxa kaKristu, kuthe lezozinto ezabe ziyinzuzo kimi ngazibona sekuyizona ezingishonisayo.

8Naphezu kwalokho, ngisakubuka konke ngikubone kungishonisa uma ngikuqhathanisa, ngoba kungelinganiswe nobukhulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami. Ngenxa yakhe sengakudela konke, ngakushaya uvobo, ukuba ngizuze uKristu,

9ngibe ngowakhe. Angisenakho ukulunga okungokwami, lokhukulunga okutholakala ngokugcina umthetho; kodwa manje ukulunga enginakho ngikuthola ngokukholwa kuKristu, lokhokulunga okuvela kuNkulunkulu obathetha ngecala abakholwa kuJesu.

10Kunye kuphela engikufunayo: ukuba ngimazi uKristu, ngibe nalawomandla ayenawo esevukile kwabafileyo, ngihlanganyele naye ekuhluphekeni kwakhe, ngimfuze ngife ngendlela afa ngayo.

11Kanjalo ngiyethemba ukuthi nami ngiyovuswa kwabafileyo ngiphile.

Ukuphokophelela phambili

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Angisho ukuthi sengifinyelele emgomeni kumbe sengiphelele, kodwa ngilokhu ngiphokophelele ukuzuza umklomelo. Ngoba uKristu Jesu wangizuza ngaba ngowakhe ukuba ngithole lomklomelo.

13Impela bakwethu, angisho ukuthi sengiwuzuzile, kodwa yinye into engiyenzayo: angizikhathazi ngezinto esengadlula kuzo, kodwa ngiphikelela ukuba ngizuze umklomelo.

14Ngiphokophelele emgomeni ukuba ngizuze umklomelo ongukuphila okuphakade engabizelwa kukho nguNkulunkulu ngoKristu Jesu.

15Ngakhoke thina sonke esifinyelele esigabeni sokuphelela asibe nalomqondo! Uma kukhona enye into eniyibona ngokunye, uNkulunkulu uyonambulela lokho ukuba kunichachele.

16Into nje asihambe ngayo leyondlela ebesihamba ngayo saze safinyelela lapho sesikhona.

17Bazalwane, ngilingiseni njalo nonke, nibanake labo abaziphethe njengathi thina esiyisibonelo esihle kini.

18Ngoba baningi abaphila ngendlela engalungile. Sekukaningi nginitshela ngalokhu ngesikhathi esedlule, ngiyaphinda namanje ngenhliziyo ebuhlungu ngikhala ezimathonsi. Bayizitha zikaKristu ezimpilo yazo iphikisana nokufa kwakhe esiphambanweni.

19Bayogcina ngokulahlwa babhubhe ngoba isithixo sabo abasikhonzayo yizifiso zabo ezimbi . Bayazigqaja ngalokho okufanele batheleke amahloni ngakho, bacabanga ngezinto zomhlaba kuphela.

20Thina-ke siyizakhamuzi ngaphansi kombuso wasezulwini. Simlindele ngamehlo abomvu umsindisi wethu, iNkosi uJesu Kristu, ukuba abuye ezulwini.

21Uyoguqula imizimba yethu ebuthakathaka nefayo, ibe njengomzimba wakhe okhazimulayo. Uyokwenza lokhu esebenzisa amandla akhe akwazi ukuhlela ngawo konke kube ngaphansi kombuso wakhe.

ElaseFiliphi 4

1Ngakhoke yimani niqine kulobubudlelwane benu neNkosi uJesu, bazalwane bami abathandekayo engifisa kakhulu ukuba ngibe nani. Niyangithokozisa bakwethu, ningumqhele wami engiziqhenya ngawo.

Izeluleko

2Ngiyala uEvodiya, ngiyala noSintikhe ukuba badle ngalukhezo lunye njengabazalwane abathobela iNkosi uJesu.

3Nawe mngane wami obulokhu usebenza nami ngokwethembeka, ngiyakucela ukuba usize laba besifazane ukuba bezwane. Sasebenza kanzima sibambisene

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

nabo ekuqhubeni indaba ethokozisayo. Lomsebenzi sasiwenza noKlementi nabanye abamagama abo abhalisiwe encwadini yokuphila.

4Thokozani njalo ngeNkosi. Ngiyaphinda ngithi: Thokozani!

5Bonke abantu ababone ukuthi nimnene. INkosi uJesu iyeza masinyane.

6Ningabi navuso ngalutho kodwa khulekani kuNkulunkulu nibike zonke izicelo zenu, nimbonge!

7Kothi-ke lokhokuthula esikulethelwa nguNkulunkulu okwedlula ukuqonda komuntu kulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu nikuKristu Jesu.

8Elokugcina bazalwane bami, ngithi zindlani ngakho konke okukhomba ukulunga nokufanele ukudunyiswa; okuyiqiniso nokuhloniphekayo nokulungileyo nokuhlanzekileyo nokuthandekayo nokutusekayo.

9Yenzani konke lokhu enakufunda kimi nakwemukela, khona lokho engakhuluma nakubona ngikwenza. UNkulunkulu osilethela ukuthula akabe nani!

Ukubonga isipho

10Ngathokoza kakhulu ngayibonga iNkosi ngoba senize nabuye nathola ithuba lokungikhombisa ukunginakekela kwenu. Nanilokhu nifisa ukungisiza, kodwa nangalithola ithuba lokwenze njalo.

11Angikusho lokhu ngoba ngiswele. Mina sengafunda ukuba nganeliswe yilokho enginakho.

12Ngiyakwazi ukuntula, ngiyakwazi ngisho nokuzitika ngombuso. Kukho konke sengafunda imfihlo yokuba nganeliswe, noma ngabe ngiyesutha noma ngabe ngiyalamba. Akulutho kimi ukuthi ngiyabusa noma ngiyeswela yini.

13Nginamandla okumelana noma yini ngoKristu ongiqinisayo.

14Nayenza nokho into enhle kakhulu nangisiza ngisezingxakekweni.

15Futhi-ke niyazi nina bandla laseFiliphi ukuthi ngenkathi ngisuka kwelaseMasedoniya, lapho indaba ejabulisayo isaqala ukushunyayelwa, yinina kuphela ibandla elahlanganyela nami odabeni lokwaba nokwamukela izipho.

16Nalapho ngiseThesalonika ngidinga usizo nangelekelela, akwaba kanye kuphela kodwa nabuye naphinda futhi.

17Akukhona ukuthi ngifuna ukwamukela izipho nje, kodwa ngithanda ukubona izithelo zokomoya eziyosiza nina.

18Ngizamukele zonke izipho eningiphe zona; beziziningi zingaphezu kokwenza. Ngeneliswa impela lapho sengizitholile izipho zenu enazithumela ngoEphafroditho. Zinjengomhlatshelo onephunga elimnandi owethulwa kuNkulunkulu, ziwumnikelo owemukelekayo kuye nomthokozisayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19UNkulunkulu wami uyonabela konke enikudingayo, ngokuvama kwamafa akhe
akuKristu Jesu.

20Akadunyiswe uBaba uNkulunkulu wethu phakade naphakade! Ameni.

Ukuvalelisa

21Ngiyakhonza kulowo nalowo okholwa kuKristu Jesu. Abazalwane enginabo
lapha bayakhonza kini.

22Bonke abakholwayo bayakhonza, ikakhulu labo abasebenza esigodlweni
sengonyama uKhesari.

23Salani nomusa weNkosi uJesu Kristu, ibusise umoya wenu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ElaseKholose

ElaseKholose 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula, engathunywa ngokwentando kaNkulunkulu ngaba
ngumphostoli kaKristu Jesu; ivela nakumzalwane uThimothi.

2Ngiyilobele nina bandla elingcwele laseKholose, abazalwane abathembekileyo
abakholwa kuKristu. Nginifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba.

UPawula uyabakhulekela

3Sihleze simbonga uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, lapho
sinithandazela.

4Phela sesezwa ngokukholwa kwenu kuKristu Jesu nangothando enibathanda
ngalo bonke abakholwayo.

5Lokhukukholwa naloluthando kungenxa yethemba lalokho enikulondolozelwe
ezulwini. Nezwa ngakho phambilini lapho nishunyayezwa izwi leqiniso eliyindaba
ethokozisayo

6eseyafika kini. Emhlabeni wonke lendaba emnandi ilokhu ithela izithelo
zokomoya iqhubekela phambili, njengalokhu yenza nakini mhla niqala ukuzwa
ngayo, nalapho niqala ukwazi ngomusa kaNkulunkulu njengoba unjalo.

7Nawufundiswa nguEphafrasi othandekayo, inceku esibambisene nayo.
Uyisisebenzi sikaKristu esethembekile enisizakala ngomsebenzi waso.

8Nguye futhi owasitshela ngothando lwenu enaluphiwa nguMoya oyiNgcwele.

9Kungakhoke silokhu sanithandazela, kusukela mhla sizwayo ngani. Sinicelela
kuNkulunkulu ukuba anazise kugqame lokho okuyintando yakhe nokuba uMoya
wakhe uniphe ukuhlakanipha konke nokuqonda,

10ukuba nikwazi ukuphila ngendlela ethandwa yiNkosi, nenze konke
okuyithokozisayo. Sikhulekela ukuba nithele izithelo kuwo wonke umsebenzi
omuhle, nikhule ekumazini uNkulunkulu.

11Sinicelela ukuba niqine emandleni onke anipha wona ngenkazimulo yobukhosi
bakhe, nikwazi ukuqinisela nibekezele kukho konke. Thokozani

12nibonge uYise owanenza nafanela isabelo sefa elilondolozelwe abangcwele
embusweni wokukhanya.

13Wasophula emandleni obumnyama, wasingenisa embusweni weNdodana yakhe
ethandekayo.

14Iyona esihlengwa ngayo sithethelelwe izono zethu.

Ubuyena bukaNkulunkulu buseNdodaneni ngokuphelele

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Inguye nezinqotho ngokufana noNkulunkulu ongabonwayo. IyiNdodana yakhe yamazibulo, yayikhona indalo yonke ingakaveli.

16Ngoba iyona okwadalwa ngayo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungazange kubonwe: lezozidalwa ezisezihlalweni zobukhosi nababusi nezikhulu neziphathimandla. Konke okukhona kwadalwa ngayo, kwadalwa ukuba kube ngokwayo.

17Iyona eyayivele isikhona ngaphambi kwakho konke, konke kulokhu kukhona ngayo.

18Iyinhloko yomzimba oyibandla layo, yiyo eyisisusa sempilo yalo, ingqalabutho eyavuswa kwabafileyo ukuba ibe ngumakhonya kukho konke.

19Kwakuyintando nenhloso kaNkulunkulu ukuba kuzinze eNdodaneni yakhe ubuyena bakhe ngokupheleleyo,

20abuyisane ngayo nakho konke okukhona emhlabeni nasezulwini, enze ukuba kube khona uxolo ngegazi leNdodana elachithwa msukwana ibulawa esiphambanweni.

21Luphathelene nani futhi loluxolo. Naniqhelelene kakhulu noNkulunkulu niyizitha kuye ngemicabango nangemisebenzi yenu emibi.

22Kepha manje uNkulunkulu usebuyisene nani ngeNdodana yakhe eyazalwa yaba ngumuntu, yabulawa ngenxa yezono zenu. Wabuyisana nani ukuze anethule ningcwele nimsulwa ningenasici phambi kwakhe,

23uma nje beningalokhu nikholwa, nigxilile esisekelweni esiqinileyo, ningavumi ukuphelelwa yithemba enalithola lapho nizwa indaba emnandi. Lendaba emnandi yashunyayelwa kubo bonke abaphansi komthunzi welanga. Nami mina Pawula ngaba yisisebenzi esiyifakazelayo.

Ubunceku bukaPawula ebandleni

24Manje ngiyajabula uma nginihluphekela. Ngoba ngokuhlupheka kwami emzimbeni ngiqedela okusileleyo kulezozinhlupheko okumele zingehlele ngenxa kaKristu, ngihluphekela ibandla elingumzimba wakhe.

25UNkulunkulu wangibeka ngaba yinceku ebandleni ukuba nisizakale, wanginqumela ukuba ngishumayele izwi lakhe ngihlube udlubu ekhasini.

26Ezizukulwaneni ngezizukulwane, laliyimfihlakalo kusukela ezikhathini zasemandulo, kepha manje lemfihlakalo isiyambulelwe abangcwele bakhe.

27Kwakuyicebo likaNkulunkulu ukuba bazi imfihlakalo yakhe, babone ukuthi buhle kangakanani ubukhosi bayo malungana nabezizwe. Imfihlakalo ukuthi uKristu usezinhliziyweni zenu, okusho ukuthi nihlala ninethemba lokuhlanganyela noNkulunkulu ebukhosini.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Ngakhoke thina sishumayela uKristu, seluleka wonke umuntu, sifundisa wonke umuntu, sikwenza ngenhlakanipho yonke esinayo, ukuba sibethule kuNkulunkulu, yilowo nalowo esebuntwini obupheleleyo ekuKristu.

29Ukuze lokhu kwenzeke ngiyasebenza ngishikashikeke, ngoba amandla amakhulu kaKristu asebenza kimi.

ElaseKholose 2

1Ngithanda ukuba nazi ukuthi nginisebenzela kanzima kangakanani nina nabaseLawodisiya nabo bonke abangakaze bangibone ngamehlo.

2Ngikwenza lokhu khona bezokhuthazeka, bahlangane nganhliziyonye othandweni baze babe nalowomcebo wonke ongukwethemba okupheleleyo okutholakala ngokuqonda okujulileyo. Ngalendlela bayoyazi imfihlakalo kaNkulunkulu enguKristu uqobo.

3Kuyena kuthukuswe umtapo wamagugu onke okuhlakanipha nolwazi.

4Ngikusho lokhu ukuba ningayengwa muntu anihunge ngenkulumo.

5Ngoba noma ngingekho lapho mina siqu sami, kodwa inhliziyo yami ikanye nani, ngiyathokoza nxashane nginibona niqinile nithe ngqi nibumbene ekukholweni kwenu kuKristu.

Impilo epheleleyo nxa sikuKristu

6Njengoba senimamukele uKristu Jesu eyiNkosi, hlalani kuye, nihambe naye.

7Izimpande zokukholwa kwenu azigxile kuye, nakhele impilo yenu kuye, niqine ekukholweni njengalokho nifundisiwe, nimbonge njalo kuvame.

8Qaphelani hleze kube khona onithumbayo ngokuniyenga, afike anikhohlise ngenhlakanipho yabantu eyize nangesifundiso abasishiyelwa ngokhokho babo. Lokho abakushoyo ngezinto zalomhlaba ezingamalutha kuphambene noKristu.

9Ngokuba emzimbeni kaKristu kuhlala uqobo lobuNkulunkulu buphelele.

10Uma nikuye niphila impilo epheleleyo. Nguye oyinhloko yayo yonke imimoya ebusayo nephethe amandla.

11Ebunyeni benu noKristu nasokwa kungengokusoka okwenziwa ngabantu, kodwa ngokusoka okungokukaKristu. Kuyilokhukusoka okunikhululayo, ningabe nisabuswa yimvelo yenu yokonakala.

12Ngoba mhla nibhabhadiswa nambelwa kanye noKristu, embhabhadisweni navuswa kanye naye ngenxa yoba nawakholwa amandla uNkulunkulu awasebenzisa mhla emvusa ekufeni.

13Nanikade ningabafileyo ngokomoya ngenxa yeziphambeko zenu, nisabuswa yimvelo yenu yokonakala ningasokiwe ngokusoka kukaKristu. Kodwa manje uNkulunkulu usenivusile kanye noKristu, wasithethelela zonke izono zethu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Wesula icala lethu elalikhonjwa yimiyalo yomthetho eyayimelene nathi isilahla, ilotshwe emqulwini. Wathatha lowomqulu wawususa ngokuwubethela esiphambanweni sikaKristu.

15NgoKristu wanqoba amandla ababusi abayimimoya neziphathimandla, wabathela ngehlazo obala ngokubathumba esebanqobe bathela.

16Ngakhoke akungabi bikho muntu onahlulela ngenikudlayo nenikuphuzayo noma ngezinsuku ezingcwele nemikhosi emikhulu namasabatha.

17Konke lokhu kunjengethunzi nje eliyihlola lalokho okuzayo; okuyikhonakhona nguKristu.

18Ningavumeli muntu ukuba anemuke umklomelo wenu, embuluza ezenza othobile ekhonza izingilosi, ezama ukuzenza mkhulu ngoba ethi uboniswa imibono. Lababantu abanje abanengqondo ebuswa yimvelo yabo yokonakala bazikhukhumeza ngeze nje.

19Kodwa kababambelele kuKristu oyinhloko yebandla elingumzimba wakhe. Lomzimba wonke usizwa nguKristu owondlayo, awuhlanganise ngamalungu nemisipha, ukhule njengoba uNkulunkulu ethanda.

Impilo entsha kuKristu

20Senafa kanye noKristu nakhululwa ezintweni zomhlaba eziluthayo. Pho niphilelani sengathi ningabomhlaba, nithobele imithetho enjengale:

21“Ungakubambi lokhu! Mus' ukudla lokhu! Ungakuthinti lokhuya! ”

22Konke lokhu okushiwoyo kuyizinto eziphelayo uma sezisetshenziswe. Lemfundiso ingeyabantu nje nemithetho yabo.

23Lemithetho enje ibukeka sengathi ingukuhlakanipha, lapha abantu beziqokela inkonzo yamalutha, bembuluza bezenza abathobileyo, bekhandla kabi imizimba yabo. Kodwa konke lokhu akusizi ngalutho, kusimze kwenelise imvelo yabo yokonakala.

ElaseKholose 3

1Nivusiwe ekufeni kanye noKristu, ngakhoke bhekisani izinhliziyo zenu ezintweni zasezulwini lapho uKristu ekhona, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

2Izinhliziyo zenu azinake izinto zasezulwini, zingazinaki izinto zalapha emhlabeni.

3Senafa, ukuphila kwenu kulumbaniswe noKristu, kwase kuthukuswa kuNkulunkulu.

4Mhla uKristu eseqhamuka, yena kuphila kwenu, niyobonakala naye, nihlanganyele naye ebukhosini bakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ngakhoke kuhle nibulale izinkanuko zomhlaba emalungwini enu, ningabe nisabuswa ubufebe nobunuku nokuhuheka nokukhanuka nokuhaha okungahlukene nokukhonza izithixo.

6Ngoba lezizinto yizona ezibanga ukuba uMvelinqangi ehlisele ulaka lwakhe kulabo abangamlaleli.

7Nani nake nahamba kanjalo lapho impilo yenu isabuswa yizinkanuko.

8Kepha manje, ziqhuthululeni zonke lezizinto: ulaka nokuthukuthela nobubi nokuthuka nokukhuluma izinto eziyichilo.

9Ningaqambelani amanga, ngoba senilahle impilo yenu enanikade niyiphila kuqala nemikhuba yayo emibi,

10nembatha ubuntu obudalwe kabusha, ukuze nakhiwe kabusha njalo nifane noMvelinqangi umdali wenu, nibe nolwazi olupheleleyo ngaye.

11Isiphetho salokhu ukuthi akusekho mehluko phakathi komGriki nomJuda, umuntu osokile nongasokile, owesizwe neqaba, isigqila nokhululekileyo, kodwa uKristu uyikho konke, ukubo bonke.

12UNkulunkulu uyanithanda, wanikhetha ukuba nibe ngabakhe. Ngakhoke njengoba ningabangcwele bakhe, yibani nobubele nesisa, nizithobe nibe mnene niqinisele!

13Bekezelelanani nithethelelane uma kukhona onesikhalo komunye. Thethelelani njengalokhu iNkosi uJesu yanithethelela!

14Ngaphezu kwakho konke lokhu yibani nothando, yilona olubopha konke ndawonye, kube yinto ehlangene ngokuphelele.

15Ukuthula uKristu anilethela khona akubuse ezinhliziyweni zenu! Ngoba yilokhukuthula enabizelwa ndawonye kukho, naba mzimba munye. Mbongeni uNkulunkulu ngalokho!

16Indaba emnandi kaKristu equkethe umcebo ongaka ayingene ihlale ezinhliziyweni zenu. Fundisanani niyalane nisebenzise konke ukuhlakanipha eninakho, nihaye amahubo namaculo nezihlabelelo zobuMoya, ezinhliziyweni zenu nihubele uNkulunkulu nimbonge!

17Konke enikwenzayo nenikushoyo akuvumelane negama leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uBaba ngaye!

Ukuhlalisana kwabakholwa kuKristu

18Nina makhosikazi thobelani abayeni benu njengento efanele ukwenziwa yilabo abakholwa eNkosini uJesu.

19Nina madoda thandani omkenu ningabi nesidlakadla kubo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Nina bantwana lalelani abazali benu kukho konke, ngoba lokho kuyathandeka eNkosini uJesu.

21Nani bazali musani ukuchukuluza abantabenu hleze badikibale.

22Nina zisebenzi balaleleni kukho konke abaniphetheyo emsebenzini! Ningakwenzi lokhu ngoba benibona, kodwa thembekani noma bengekho, nibakhonze ngenhliziyo eqotho, nibalalele ngoba niyesaba iNkosi uJesu.

23Lokho enikwenzayo, kwenzeni ngenhliziyo yonke, kube sengathi nisebenzela iNkosi, ningasebenzeli umuntu nje.

24Khumbulani ukuthi iNkosi uJesu iyonivuza ngefa elibekelwe abantu bayo. Ngoba iNkosi eniyisebenzelayo nguKristu.

25Owenza okubi uyovuzwa ngemisebenzi yakhe emibi, ngoba uNkulunkulu akabandlululi.

ElaseKholose 4

1Nina baphathi anobaphatha ngokufaneleyo nangobuqotho abanisebenzelayo! Kumbulani ukuthi nani ninoniphetheyo, iNkosi esezulwini.

Izeluleko

2Phikelelani emkhulekweni, nihlale niqaphele lapho nikhuleka, nidumise uNkulunkulu.

3Nathi sithandazeleni ukuba uNkulunkulu asivulele umnyango nce sishumayele izwi lakhe, simemezele imfihlakalo kaKristu engiboshwe ngenxa yayo.

4Khulekani-ke ukuba ngikhulume okufaneleyo, ngikusho ngendlela echachileyo.

5Ziphatheni ngokuhlakanipha uma niphakathi kwabangakholwayo, nisebenzise onke amathuba eninawo.

6Ukukhuluma kwenu akube mnandi kuhlwabuse, kodwa kungabi duma, nikwazi ukuphendula ngokufaneleyo imibuzo yomuntu ngomuntu.

Ukuvalelisa

7UThikhikho, umzalwane othandekayo nesisebenzi esithembekileyo esibambe naso kulomsebenzi weNkosi, uzonitshela konke ngami ukuthi ngihlezi nhlaloni.

8Ngalesosizathu-ke ngimthumela kini, ukuba afike anibikele ukuthi thina sihlezi kanjani anikhuthaze.

9Uhambisana no-Onesimo, umzalwane othandekayo nothembekileyo ovela kwelakini. Bazonitshela konke okwenzekayo lapha.

10UAristakho esiboshwe kanye naye uyakhonza. Kanjalo noMarko umzala kaBhanabhasi, uyakhonza naye. Senitsheliwe ngaye; mamukeleni kahle uma efika kini!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11UJoshwa okuthiwa nguJustu, naye uyakhonza. Phakathi kwamaJuda aphendukileyo yibo bodwa abasebenzela umbuso kaNkulunkulu kanye nami; bebekade bengisiza kakhulu.

12Uyakhonza uEphafrasi wakwelakini oyisisebenzi sikaKristu Jesu. Uyanikhulekela njalo ngesithukuthezi, enicelela kuNkulunkulu ukuba niqine nibe ngamakholwa apheleleyo azinikele ekwenzeni yonke intando kaNkulunkulu.

13Mina uqobo ngingamfakazela ukuthi uyanisebenzela kakhulu nina kanye nabaseLawodisiya nabaseHiyerapholi.

14Ukhonzile umzalwane othandekayo udokotela uLuka benoDemasi.

15Sikhonzeleni kubazalwane baseLawodisiya nakuNimfa nasebandleni elihlanganela kwakhe.

16Uma seniyifundile lencwadi, nize niyidlulisele nasebandleni laseLawodisiya ukuba ifundwe nakhona. Nani anobuye nifunde leyoncwadi engiyibhalele abaseLawodisiya abazoyithumela kini.

17Nize nithi kuAkhipho: “Qaphela ukuba ufeze umsebenzi owawunikwa wokuba usebenzele iNkosi uJesu! ”

18Ngesami isandla ngiloba ngithi: Mina Pawula ngiyakhonza. Nize ningakhohlwa ukuthi ngiseyisiboshwa! Nisale nomusa!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1 kwelaseThesalonika

1 kwelaseThesalonika 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula nakuSilasi noThimothi. Siyilobela nina bandla laseThesalonika, eningabakaNkulunkulu uBaba nabeNkosi uJesu Kristu. Sinifisela umusa nokuthula.

Ukuphila nokukholwa kwabaseThesalonika

2Siyaye simbonge uNkulunkulu ngenxa yenu nonke lapho sinibeka emikhulekweni yethu.

3Uma siguqile phambi kukaBaba uNkulunkulu wethu, siyaye sikhumbule imisebenzi yenu ebonisa ukukholwa kwenu eNkosini yethu uJesu Kristu, sikhumbule nokushikashikeka kwenu okukhombisa uthando eniyithanda ngalo, nokukhuthazela kwenu okukhomba ukuthi nibheke kuyo ngethemba.

4Siyazi bazalwane ukuthi uNkulunkulu onithandayo wanikhetha naba ngabakhe,

5ngoba ivangeli esalishumayela kini lalingesiwo amagama nje kuphela, kodwa lafika ngamandla oMoya oyiNgcwele nangokukholwa impela ukuthi liyiqiniso. Niyazi ukuthi saziphatha kanjani phakathi kwenu; lokhu kwasiza nina.

6Nasilingisa thina neNkosi uJesu. Noma senibhekene nobunzima obukhulu, nayamukela indaba emnandi ngokujabula okuvela kuMoya oyiNgcwele.

7Nase niba yisibonelo kubo bonke abakholwayo kwelaseMasedoniya naseAkhaya.

8Lendaba emnandi elanda ngeNkosi uJesu kayizwakalanga eMasedoniya naseAkhaya kuphela, kodwa kwezwakala yonke indawo ngokukholwa kwenu kuNkulunkulu. Ngakhoke akusadingekile ukuba sisho utho ngakho.

9Ngoba kabawuvali umlomo ngendlela enasamukela ngayo mhla sifike lapho kini. Nalahla inkonzo yonkulunkulumbumbulu, naphendukela kuNkulunkulu ukuba nimkhonze uNkulunkulu ophilayo onguyenayena,

10nilindele ukubuya kweNdodana yakhe ezulwini ayivusayo kwabafileyo. InguJesu osihlengayo olakeni lukaNkulunkulu oluzayo ngomhla wokuphela.

1 kwelaseThesalonika 2

Ukusebenza kukaPawula phakathi kwabo

1Bazalwane niyazi nani ukuthi ukunihambela kwethu ngezindaba zevangeli akubanga ngamandla esambane.

2Niyakhumbula ukuthi singakafiki lapho kini sahlushwa saphathwa kabi emzini waseFiliphi. Phezu kwakho lokhu uNkulunkulu wethu wasimisa isibindi, sayimemezela kini indaba ejabulisayo evela kuye, nakuba sabhekana nobunzima.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Ukuniyala kwethu akukhona okwedusayo, akuyi ngenhloso embi, futhi asiniqilizeli ngamalutha.

4Kodwa siyaye sikhulume lokho uNkulunkulu afuna ukuba sikusho, ngoba sewasivivinya, wabona ukuthi sifanele ukwethweswa lomsebenzi wokushumayela indaba emnandi. Asiqondile ukujabulisa abantu, kodwa sifuna ukuthokozisa uNkulunkulu ohlola izinhliziyo zethu.

5Niyazi ukuthi asizange sisebenzise amazwi okunithopha. UNkulunkulu ungufakazi wethu ukuthi amazwi ethu ayengesizo izaba zokuhaha.

6Asikaze silufune udumo kumuntu ngisho nakini imbala,

7nanxa singaba nelungelo elipheleleyo lokuhlonishwa njengoba singabaphostoli bakaKristu. Kodwa saba nesisa kini njengonina ondla usana lwakhe.

8Sinithande ngangoba sikubone kufanele ukuba sinilethele indaba ethokozisayo evela kuNkulunkulu, singagcini lapho kuphela kodwa sibuye sidele ukuphila kwethu ngenxa yenu.

9Impela niyakhumbula bakwethu ukuthi sakhandleka sashikashikeka, sisebenza imini nobusuku ukuba singabi ngumthwalo kini ngesikhathi sinishumayeza indaba emnandi kaNkulunkulu.

10Nina kanye noNkulunkulu ningofakazi bethu bokuthi ukuziphatha kwethu phakathi kwenu nina makholwa kwakuhlanzekile, kuqotho, kungenaphunga elibi.

11Niyazi nokuthi yilowo nalowo wenu samphatha njengoyise enakekela abantwana.

12Sasilokhu sinikhuthaza siniduduza sigcizelela ukuba niphile impilo ethandwa nguNkulunkulu onibizela embusweni wakhe ukuba nihlanganyele naye ebukhosini bakhe.

13Thina simbonga njalo uNkulunkulu ngoba kuthe lapho sinibikela indaba yakhe emnandi nayizwa nayemukela, yangaba yindaba nje evela kubantu, kodwa nayemukela yaba yizwi likaNkulunkulu, ekubeni iyilo ngempela, okuyilona elisebenzayo phakathi kwenu nina enikholwayo.

14Ngoba nehlelwa yilokho bakwethu okufana nokwehlela amabandla kaNkulunkulu aseJudiya asebunyeni noKristu Jesu, ngoba nahlushwa yisizwe sakini njengalokhu nawo ahlushwa ngamaJuda.

15Ayibulala iNkosi uJesu nabaphrofethi basendulo, nathi abuye asizingela. UNkulunkulu akawajabuleli; futhi ayizitha zabantu bonke.

16Azama nokusivimbela ukuba singabashumayezi abezizwe basindiswe. Ngokona kwawo sonke lesisikhathi anqwabela izono phezu kwezinye, andisa icala lawo. Ngakhoke manje ulaka lukaNkulunkulu selugcine lwawehlela.

UPawula ufuna ukubuye abahambele

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Thina-ke bazalwane sahlukaniswa nani okwesikhashana nje. Nakuba sasingasaniboni nanilokhu nikhona ezinhliziyweni zethu. Njengoba sasinilangazelela kangaka, sazama kakhulu ukuba sibuye sibonane nani.

18Sasisophe ukuza lapho kini. Mina Pawula ngazama izikhathi ezimbili. Kodwa uSathane wasivimbela.

19Yinina impela eniyithemba lethu nokuthokoza kwethu neniyoba ngumqhele wethu esiyowuklonyelwa nesiyozigabisa ngawo phambi kweNkosi yethu uJesu mhla esebuya; abekho abanye abanedlulayo kulokhu.

20Ngempela siyaziqhayisa sithokoze ngani.

1 kwelaseThesalonika 3

1Kuthe lapho singasenakukubekezelela lokhu, sabona kungcono ukuba thina sisale sodwa eAthene,

2sase sithumela umzalwane wethu uThimothi, oyisisebenzi sikaNkulunkulu esishumayela kanye naso indaba emnandi elanda ngoKristu, ukuba eze animise isibindi anikhuthaze ekukholweni kwenu,

3ukuze kungabikho muntu oyothikanyezwa yilezizinhlupho. Nina nazi kahle ukuthi simelwe ukubhekana nazo.

4Empeleni lapho sisahlezi nani sasho kungakenzeki sathi kumele sihlushwe. Sekwenzeke njengoba sasishilo, nani niyazibonela ngokusobala.

5Kungalesisizathu-ke okwathi lapho ngingasenakunyamezela nakancane, ngase ngithumela kini ukuba ngizwe ngokukholwa kwenu, hleze sewafika umlingi uSathane wazonilinga, ukushikashikeka kwethu kwaba njengesithukuthuku senja esiphelela eboyeni.

6Hhayi nokho, uThimothi ufikile lapha kithi wasilethela izindaba ezithokozisayo lapho esibikela ngokukholwa kwenu nangothando lwenu. Usitshelile ukuthi nisikhumbula njalo nithokoze, nokuthi nisha amashushu okusibona njengoba nathi sifisa ukunibona.

7Ngakhoke bazalwane kulo lonke usizi nobunzima obusiphetheyo sakhuthazeka ngenxa yenu nxashana sizwa ngokukholwa kwenu.

8Sesizizwa siphilile njengoba nimi niqinile nihlala eNkosini uJesu.

9Asazi ukuthi singambonga sithini uNkulunkulu wethu, sikhombise konke ukujabula kwethu esithokoza ngakho phambi kwakhe ngenxa yenu.

10Imini nobusuku siyaye sikhuleke ngokushiseka sicela kuNkulunkulu ukuba sibuye sibonane nani, khona sizokwazi ukugcwalisa lokho okusasilele ekukholweni kwenu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Sengathi uBaba uNkulunkulu wethu, neNkosi yethu uJesu, yena mathupha angasihlahlela indlela size sifike kahle kini!

12INkosi uJesu ayinisize ukuba nithandane, nithande nabantu bonke, uthando lwenu lukhule luchichime lube lukhulu ngangothando esinithanda ngalo.

13Sengathi inganenza niqine ukuze kungasoleki lutho kini, kodwa nitholakale ningcwele phambi kukaBaba uNkulunkulu wethu mhla iNkosi yethu uJesu iza nabo bonke abangcwele bayo ngomhla wokuphela.

1 kwelaseThesalonika 4

Impilo ethokozisa uNkulunkulu

1Ekugcineni bakwethu ngithi: Sanifundisa indlela okufanele niphile ngayo ukuba nithokozise uNkulunkulu. Kakade yiyo kanye lendlela eniphila ngayo. Manje-ke siyaninxusa sinincenga ngegama leNkosi uJesu ukuba niqhubekele phambili nithuthuke kulendlela.

2Niyazazi iziyalo esanitshela zona sigunyazwe yiNkosi uJesu.

3Kuyintando kaNkulunkulu ukuba ningcweliswe nahlukaniselwe yena, ningatholakali neze emanyaleni obufebe,

4kodwa yilowo nalowo wenu akashade, ahlalisane nomkakhe ngendlela ethakaselwe nguNkulunkulu netuseka kubantu,

5kungabi ngoba ebuswa yizinkanuko njengabahedeni, bona abangakholwa kuNkulunkulu.

6Akungabikho muntu owona umfowabo amphambe kuloludaba. Sake sanitshela sanidonsa ngendlebe, sathi iNkosi uJesu iyobajezisa labo abenza izono zaloluhlobo.

7UNkulunkulu akasibizelanga ukuba siphile impilo yokonakala, kodwa wasibiza ukuba sibe ngabakhe sahlukaniselwe yena.

8Ngakhoke uma ningafuni ukulalela lemfundiso, akusiye umuntu enimphikayo kodwa niphika uNkulunkulu, yena oninika uMoya wakhe oyiNgcwele.

9Akudingekile ukuba sinilobele mayelana nokuthandana kwabazalwane, ngoba nina nafundiswa nguNkulunkulu ukuba nithandane.

10Nangempela niyabathanda bonke abazalwane kulo lonke elaseMasedoniya. Kodwa siyaniyala bakwethu ukuba nikwenze lokhu niqhubekele phambili.

11Shisekelani ukuhlala ngokuthula nibhekane nezindaba eziqondene nani kuphela, niphile ngezikhwepha zenu, niqhubeke njengoba sake saniyala.

12Yikhona niyozakhela igama elihle nihlonipheke nakwabangakholwayo, nizimele ningantuli lutho.

Ukuza kweNkosi uJesu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Bazalwane, sithanda ukuba nazi ngalabo abalele kwelabafileyo, ningadabuki njengabangakholwayo, bona abangenathemba.

14Siyakholwa ukuthi uJesu wafa wabuye wavuka ekufeni. Kanjalo-ke siyakholwa nokuthi labo asebafa bekholwa kuJesu bayovuswa nguNkulunkulu, ababuthele kuye bekanye noJesu.

15Lokhu esikusho kini kuyimfundiso yeNkosi uJesu uqobo, ukuthi thina esiyobe siphila kulomhlaba mhla iNkosi ibuyayo asiyikwandulela labo asebevele belele befile.

16Ngoba iNkosi uJesu uqobo iyokwehla ezulwini ngenhlokomo enkulu. Kuyozwakala izwi lengilosi enkulu, kukhale icilongo likaNkulunkulu, labo abafa bekholwa kuKristu bavuke kuqala.

17Thina esikulomhlaba siyohlwithwa kanye nabo siye emafwini, sihlangabeze iNkosi uJesu emkhathini wezulu, bese sihlala nayo ungunaphakade.

18Ngakhoke khuthazanani ngalawamazwi!

1 kwelaseThesalonika 5

Lindelani iNkosi iyeza!

1Akudingekile bazalwane ukuba sinilobele sinitshele ngosuku nangesikhathi okuyokwenzeka ngaso lokhu.

2Ngoba nina nazi kahle ukuthi usuku lokubuya kweNkosi uJesu luyofika njengesela ebusuku.

3Ngesikhathi abantu bethi: “Sihlezi kahle ngokuthula,” ngaso lesosikhathi bese bebhujiswa bengazelele, njengowesifazane okhulelweyo ofikelwa yimihelo engazelele. Ngeke baphunyuke.

4Kodwa-ke nina bakwethu anikho ebumnyameni, ukuba lolosuku selungaze lunifikele njengesela ningazelele.

5Ngoba nina nonke ningabantu bokukhanya abathanda imini. Asibuthandi ubusuku, ngoba asiyibo abantu bobumnyama.

6Ngakhoke asingalali ubuthongo njengabangakholwayo, kodwa asihlale siqaphile sizithibe.

7Ngoba abalalayo balala ebusuku, kanti-ke futhi nabadakwayo badakwa ebusuku,

8kodwa thina esithanda imini asizithibe, ukukholwa nothando kube ushodo lwethu lokuvikela isifuba, ithemba lethu lensindiso libe yisigqoko sokuvikela ikhanda.

9Ngoba uNkulunkulu akasikhethelanga ukuba sehlelwe ulaka lwakhe, kodwa ukuba samukele ukusindiswa ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Yafa ngenxa yethu ukuze kuthi noma ngabe siyaphila noma sifile mhla ibuya, siphile kanye nayo.

11Ngakhoke khuthazanani nakhane njengoba nempela nenza.

Izeluleko zokugcina nokuvalelisa

12Siyanincenga bakwethu ukuba nibazise kakhulu labo abasebenza kanzima phakathi kwenu, benihola beneluleka.

13Bahlonipheni kakhulu nibathande ngenxa yomsebenzi abawenzayo. Hlalisanani ngokuthula!

14Bazalwane siyaniyala ukuba nikhuze amavila, nikhuthaze abangenasibindi, nisize ababuthakathaka, nibe nesineke kubo bonke.

15Qaphelani ukuba kungabikho muntu ophindisayo athi iva likhishwa ngelinye, kepha phokophelelani njalo ukwenza okuhle omunye komunye nakubantu bonke!

16Thokozani njalo,

17nikhuleke ningaphezi,

18nibonge uNkulunkulu kukho konke, ngoba kuyintando yakhe ukuba nenze njalo njengoba ningabakaKristu Jesu.

19Ningawucimi umlilo onguMoya oyiNgcwele,

20ningazeyisi izintshumayelo zabaphrofethi!

21Hlolisisani kahle konke bese nibambelela kokulungileyo,

22nigweme lonke uhlobo lobubi!

23Sengathi uNkulunkulu uqobo, uNkulunkulu wokuthula, anganingcwelisa ngokupheleleyo, alondoloze umoya wenu nomphefumulo wenu nomzimba wenu, ukuze nitholakale ningenasici mhla iNkosi yethu uJesu Kristu isibuya.

24Uyokwenza lokhu, ngoba uthembekile, yena onibizayo.

25Sithandazeleni nathi, bakwethu!

26Nize ningikhonzele kubo bonke abazalwane ngokwanga kwabakholwayo!

27Ngiyaniyala ngegama leNkosi uJesu ukuba bonke abazalwane bafundelwe lencwadi.

28Salani nomusa weNkosi yethu uJesu Kristu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kwelaseThesalonika

2 kwelaseThesalonika 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula nakuSilasi noThimothi. Siyilobela nina bandla
laseThesalonika eningabakaNkulunkulu uBaba nabeNkosi uJesu Kristu.

2Sinifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu
Kristu.

Ukwahlulela mhla uKristu esebuya

3Kumele simbonge njalo uNkulunkulu ngenxa yenu bazalwane. Kufanele
ngempela, ngoba ukholo lwenu luyakhula kakhulu, kanti futhi luyanda nothando
enithandana ngalo nonke.

4Ngakhoke njalo uma sihambela amabandla kaNkulunkulu siyaye sizigabise ngani
ngenxa yokukholwa kwenu okuqinisela phezu kokuba nizingelwa, futhi
nihlupheka.

5Konke lokhu kukhomba khona ukuthi uNkulunkulu wehlulela ngobuqotho.
Ngakhoke uyothi kufanele ukuba nibe ngaphansi kombuso wakhe
eniwuhluphekelayo.

6UNkulunkulu uqotho, ngakhoke uyophindisa kulabo abanihluphayo,

7kodwa nina enihluphekayo anophule kanye nathi ekuhluphekeni. Lokhu
kuyokwenzeka mhla iNkosi uJesu isibuya. Iyobonakala esibhakabhakeni, iza
nezingilosi zayo ezinamandla esabekayo,

8ikhanye njengekloba elikhulu lomlilo. Ibisijezisa abangakholwa kuNkulunkulu,
bengalithobeli ivangeli laleNkosi yethu uJesu.

9Bayojeziswa ngokubhujiswa okungunaphakade bagudluzwe phambi kobuso
beNkosi uJesu nenkazimulo yobukhosi bayo.

10Ngalolosuku iyobuya izodunyiswa ituswe yibo bonke abayo, abakholwa kuyo.
Nani-ke niyoba kanye nabo, ngoba nakukholwa esanishumayeza khona.

11Yingakho njena sinikhulekela njalo ukuba uNkulunkulu wethu anenze nifanele
impilo anibizela kuyo, afeze ngamandla akhe konke okuhle enikuhlosayo
nomsebenzi eniwenzayo niqhutshwa ukholo.

12Kanjalo-ke igama leNkosi yethu uJesu Kristu liyodunyiswa ngenxa yenu, nina-ke
niyothola udumo ngoba ningabayo. Lokhu kuyokwenzeka ngenxa yomusa
kaNkulunkulu wethu noweNkosi uJesu Kristu.

2 kwelaseThesalonika 2

Umuntu ogqugquzela isono

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Mayelana nokubuya kweNkosi yethu uJesu Kristu nokuqoqelwa kwethu kuyo

2ngiyanincenga bazalwane ukuba ningasheshi ukuxoveka engqondweni noma nethuke lapho kuthiwa lolosuku lokubuya kweNkosi uJesu selufikile. Nize ningakukholwa lokho nakuba bethi yithi esikushilo, noma bethi kungokuqhutshwa ngoMoya oyiNgcwele noma ngentshumayelo noma ngencwadi esiyilobile.

3Ningakhohliswa muntu noma ngayiphi indlela, ngoba lolosuku aluyukuza kungakabheduki umoya wokuhlubuka okukhulu, avele lowomuntu ogqugquzela isono, yena lowo onqunyelwe ukubhujiswa.

4Uziphakamisa amelane nakho konke okubizwa ngobunkulunkulu nakho konke okukhonzwayo, aze aye nasethempelini likaNkulunkulu, aqhwakele khona azibize ngokuthi unguNkulunkulu uqobo.

5Anisakhumbuli yini ukuthi ngesikhathi ngisenani ngangilokhu nginitshela ngakho na?

6Kukhona nje okusavimbile okwamanje ukuba angabonakali isikhathi singakafiki, nani futhi niyakwazi.

7Nalobububi sebuqalile ukusebenza ngisho namanje ngendlela eyisithibezi, kodwa kumele asuswe kuqala lowo osabuvimbele okwamanje,

8bese kubonakaliswa lomuntu ogqugquzela isono. INkosi uJesu iyombulala ngezwi eyoliphefumula, imbhubhise mhla isiza ngenkazimulo yobukhosi bayo.

9Lowo ogqugquzela isono wofika enamandla awanikwe nguSathane okuba enze izinhlobo ngezinhlobo zemisebenzi yamandla eyizibonakaliso nezimangaliso ezingamanga.

10Uyosebenzisa onke amaqhinga enkohlakalo ukuba akhohlise labo abayobhubha. Bayobhujiswa ngoba bengalamukelanga balithanda iqiniso ukuba basindiswe.

11Ngalesisizathu-ke uNkulunkulu ubehlisela ukulutheka okunamandla ngangoba baze bakholwe amanga.

12Bayolahlwa yicala bonke abangalikholwanga leliqiniso kodwa bezithokozisa ngobubi besono.

Nakhethelwa ukusindiswa

13Kepha thina sifanele ukubonga njalo uNkulunkulu ngenxa yenu bazalwane abathandeka eNkosini uJesu. UNkulunkulu wanikhetha naba ngabokuqala abasindiswayo ngokungcweliswa nguMoya wakhe nangokulikholwa iqiniso.

14Wanibizela kulokhu ngendaba emnandi esayishumayela kini, ukuba nihlanganyele neNkosi yethu uJesu Kristu enkazimulweni yobukhosi bayo.

15Ngakhoke bazalwane yimani niqine nibambelele kulawomaqiniso esanifundisa wona sanishumayeza sanilobela incwadi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16INkosi yethu uJesu Kristu uqobo noNkulunkulu uBaba wasikhombisa uthando wasenzela umusa wokuba sihlale njalo sikhuthazekile sinethemba elinesisekelo esiqinile.

17Sengathi angakhuthaza izinhliziyo zenu, aninike amandla kukho konke enikushoyo nenikwenzayo okuhle.

2 kwelaseThesalonika 3

Sithandazeleni

1Ekugcineni-ke bazalwane ngicela ukuba nisithandazele ukuba indaba emnandi elanda ngeNkosi uJesu yande ngokushesha ithole udumo njengoba kwenzekile nakini.

2Nisikhulekele futhi ukuba uNkulunkulu asophule kubantu ababi abonakeleyo, ngoba akusibo bonke abalikholwayo ivangeli.

3Kodwa iNkosi uJesu yethembekile, iyoninika amandla inivikele kuSathane.

4Kanti-ke futhi isenza sinethembe ukuthi niyakwenza esiniyala ngakho nokuthi niyoqhubeka nokukwenza.

5Sengathi iNkosi uJesu inganihola ibhekise izinhliziyo zenu othandweni lukaNkulunkulu nasekubekezeleni kukaKristu.

Isixwayiso mayelana nobuvila

6Ngegama leNkosi uJesu Kristu siyaniyala bakwethu ukuba nigweme bonke abazalwane abangamavila abangafuni ukusebenza, bengalandeli imfundiso enayamukela kithi.

7Ngoba nina ngokwenu niyazi ukuthi kufanele nilandele isibonelo sethu. Asivilaphanga sisekanye nani.

8Asizange samukele kudla kwamuntu sangakukhokhela, kodwa sasebenza kanzima, sizikhandla imini nobusuku ukuze singabi umthwalo kumuntu.

9Sakwenza lokhu, kungengoba singenalo ilungelo lokuba nisondle, kodwa ukuba sibe yisibonelo esihle kini nani nisilingise.

10Lapho sisenani saniyala sathi: “Sebenzani, ngoba akukho nkwali yaphandela enye! ”

11Phela siyezwa ukuthi kukhona abathile phakathi kwenu abangafuni ukusebenza. Behla benyuka behamba bezigaxa ezindabeni zabanye.

12Abantu abanjalo siyabayala sibancengisisa ngegama leNkosi uJesu Kristu ukuba baziqoqe bazothe, basebenze badle isithukuthuku sabo.

13Kepha nina bazalwane, nize ningadinwa ukwenza okuhle!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Uma kukhona ongafuni ukuthobela esikushoyo kulencwadi nize nimqaphelisise
lowo. Ningadlelani naye, khona ezozinyeza atheleke amahloni.

15Nokho ningamphathisi okwesitha, kodwa mxwayiseni njengomzalwane!

Ukuvalelisa

16Sengathi iNkosi uJesu uqobo ongumthombo wokuthula anganilethela ukuthula
ngezikhathi zonke nakukho konke!

17Mina Pawula ngiyakhonza, ngilobe ngesandla sami. Zonke izincwadi ezivela kimi
ziphethwa kanje, yisandla sami lesi.

18Nisale nonke nomusa weNkosi yethu uJesu Kristu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1 kuThimothi

1 kuThimothi 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula, engathunywa ngaba ngumphostoli kaKristu Jesu
ngomyalo kaNkulunkulu umsindisi wethu nokaKristu Jesu ithemba lethu.

2Ngiyilobele wena Thimothi okunguwena mntanami engimzele
ngokwasekukholweni. Ngikufisela umusa nobubele nokuthula okuvela
kuNkulunkulu uBaba naseNkosini yethu uJesu Kristu.

Isixwayiso ngezifundiso eziphambene nokukholwa

3Ngifuna ukuba uhlale emzini wasEfesu njengoba ngakunxusa mhla ngiya
eMasedoniya, ukhuze abantu balapho abathile ukuba bangafundisi izifundiso
ezehlukileyo.

4Batshele bangalokhu belibele izinsumansumane nohide lwezindaba zokuzalana
kwemindeni. Izinto ezinjalo zibanga ukuphikisana, kaziqhubeli phambili lokho
uNkulunkulu asifundisa khona esikuthola ngokukholwa.

5Umgomo-ke walomyalo ungukuvuselela uthando oluvela enhliziyweni emhlophe
nakunembeza omsulwa nasekukholweni okungazenzisiyo.

6Abanye abantu bedukile kulokho, bachezukele ekukhulumeni okuyize.

7Bathanda ukufundisa umthetho kaNkulunkulu, yize noma bengakuqondi
abakukhulumayo nalokho abakukhulumela ezinkanini.

8Siyazi ukuthi umthetho ulungile uma umuntu ewusebenzisa ngendlela efaneleyo.

9Siyazi futhi ukuthi umthetho awuzange ushayelwe umuntu olungileyo, kodwa
ubekelwe izeqamthetho namahlongandlebe nabangamesabi uNkulunkulu,
nezonakali. Umiselwe labo abahlambalaza izinto ezingcwele nabagxibha inkolo,
nababulala abazali babo nezinswelaboya.

10Umiselwe izifebe nongqingili nabathumba abantu babathengise,
nohubhukabhejane nabafunga amanga. Umiselwe abenza ezinye izinto
eziphambene nemfundiso eqotho.

11Lemfundiso itholakala evangelini engalethweswa ukuba ngilimemezele, indaba
emnandi elanda ngoNkulunkulu odumisekayo nobongekayo.

UPawula ubonga umusa kaNkulunkulu

12Ngiyambonga uKristu Jesu iNkosi yethu owangipha amandla wangibona
ngethembekile wangibeka esikhundleni sobunceku,

13mina engangikade ngimhlambalaza ngimzingela ngimhlupha. Kodwa
uNkulunkulu wangenzela ububele, ngoba ngangingayazi into engiyenzayo,
ngingakholwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14INkosi yethu yangenzela umusa omkhulu kabi, yanginika ukukholwa nothando esinalo kuKristu Jesu.

15Lethembekile kufanele lemukelwe ngokupheleleyo izwi elithi: UKristu Jesu weza kulomhlaba ukuba asindise izoni. Mina-ke ngiyisoni esikhulu kuzo,

16kodwa uNkulunkulu wangihawukela mina engiyisoni esikhulu kunezinye, ukuba uKristu Jesu akhombise ngami ukuthi ukubekezela kwakhe kukhulu kangakanani. Wakwenza lokhu ukuba ngibe yisibonelo kwababesazokholwa, bathole ukuphila okuphakade.

17INkosi ebusa ungunaphakade nemiyo njalo nengabonwayo okuyiyona inguMvelinqangi uSimayedwa, udumo nobukhosi bungobayo phakade naphakade. Ameni.

18Thimothi mntanami, ngiyakwethwesa lomsebenzi ngephuzu lamazwi esiphrofetho esabikezelwa ngawe. Awakuqinise lamazwi uze ulwe ngokomoya impi elungileyo,

19ulokhu ubambelele ekukholweni ngonembeza omsulwa. Abanye-ke kabakulalelanga lokho okushiwo ngunembeza wabo, base behlubuka ekukholweni, baba njengabantu abafelwe ngumkhumbi.

20Abanye balabo ngoHimenusi noAleksanda engibanqume ebandleni ukuze balayeke bakugcine ngci ukuhlambalaza.

1 kuThimothi 2

Iziyalo mayelana nokukhuleka

1Ikakhulu ngiyaniyala ukuba nibacelele bonke abantu kuNkulunkulu, nibakhulekele nibanxusele nimbonge ngenxa yabo,

2ngisho nalabo abangamakhosi nazo zonke iziphathimandla, ukuba siphile impilo efaneleyo, kube khona ukuthula noxolo, sihambe ngokumesaba uNkulunkulu nangobuqotho.

3Lokhu-ke kuhle, kuyamthokozisa, uNkulunkulu umsindisi wethu,

4othanda ukuba bonke abantu basindiswe balazi iqiniso.

5Ngoba uNkulunkulu uyedwa, munye futhi umlamuli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, lowomuntu onguKristu Jesu.

6Wadela ukuphila kwakhe ukuze ahlenge bonke abantu. Lokhu-ke kwaba ngubufakazi bentando kaNkulunkulu esikhathini esifaneleyo.

7Ngathunyelwa ngaba ngumphostoli nomfundisi wabezizwe, ukuba ngimemezele lobubufakazi, bakholwe balazi iqiniso. Angiqambi manga uma ngisho kanjena, ngikhuluma iqiniso.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Ngifuna ukuba ezindaweni ngezindawo ezinkonzweni kube ngabesilisa bebandla
abaphatha imithandazo, nxa bekhuleka benyusele ezulwini izandla ezingenacala,
bangabi nalulaka baphikisane.

9Kanjalo futhi, ngiyathanda ukuba nabesifazane bagqoke izingubo ezihloniphekile
ezizobenza bazothe. Abazihlobise ngendlela efaneleyo nehloniphekileyo,
bangakhangisi ngamagoda elukiweyo bahlobe ngegolide nobuhlalu nangezingubo
zakwanokusho ezibiza imali enkulu,

10kodwa bahlobe ngokwenza imisebenzi elungileyo efanele abesifazane
abamesabayo uNkulunkulu njengoba bezisho bona.

11Owesifazane akafunde ngesizotha nangokuzithoba.

12Angikuvumeli ukuba abesifazane babe ngabafundisi ebandleni kumbe babuse
amadoda, kodwa abazithobe.

13Ngoba uAdamu wadalwa kuqala, kwase kulandela uEva.

14Kanti-ke futhi akubanga nguAdamu owakhohliswa nguSathane, kodwa kwaba
ngowesifazane owakhohliswa wayeseqa umthetho kaNkulunkulu.

15Kodwa-ke abesifazane njengoba bethola abantwana bayosindiswa uma behlala
njalo bekholwa benothando bephila impilo engcwele bezithoba.

1 kuThimothi 3

Okufuneka kubaholi ebandleni

1Liqinisile lelizwi elithi: Uma umuntu efisa ukuba ngumholi ebandleni, usuke
ethanda umsebenzi omuhle.

2Ngakhoke kufanele ukuba umuntu ohola ibandla abe ngongasolekiyo. Akabe
nenkosikazi eyodwa, azithibe azibambe, abe nesizotha. Akaphathe kahle izihambi,
abe nekhono lokufundisa.

3Akangabi yisidakwa noma isidlova kepha abe mnene angabi naluchuku, angabi
ngumuntu okhonze imali.

4Akabe ngumuntu okwazi ukuphatha kahle umuzi wakhe, akwenze ngesizotha
ukuba abantwana bakhe bamthobele.

5Uma umuntu engakwazi ukuphatha kahle umuzi wakhe, angaliphatha kanjani
ibandla likaNkulunkulu na?

6Umholi webandla akungabi ngumuntu osand' ukuphenduka hleze
azikhukhumeze abesehlulelwa alahlwe njengoSathane.

7Kufanele abe ngumuntu onegama elihle nakubantu abangesibo bebandla, ukuze
angahlazeki abesebanjwa esihibeni sikaSathane.

Okufuneka kulabo abangamagosa

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Ngokunjalo amagosa kufanele abe nesizotha, angabi mbaxambili, angabi yizidakwa kumbe ahahele nje ukuthola inzuzo.

9Mawabambelele kuleloqiniso lokholo lwethu eselambuliwe, enonembeza omsulwa.

10Kufanele avivinywe kuqala, bese kuthi uma engasoleki avunyelwe ukuba ngamagosa ebandleni.

11Kanjalo futhi abakhokheli kufanele babe nesizotha, bangabi yizinhlebi. Ababe ngabantu abakwazi ukuzithiba, bathembeke kukho konke.

12Igosa alibe nenkosikazi eyodwa, likwazi ukuphatha kahle abantwana balo nomuzi walo.

13Lawomagosa ayaye enze umsebenzi wawo kahle aba negama elihle, akhulume ngomqhanago omkhulu ngenxa yokukholwa kwawo kuKristu Jesu.

Imfihlo yokholo lwethu

14Njengoba ngikulobela lencwadi, ngiyethemba ukuthi ngizosheshe ngikubone masinyane.

15Kodwa uma kwenzeka ngilibala, lencwadi yiyona esiyokhomba ukuthi kufanele umuntu aziphathe kanjani uma ehlalisene nabendlu kaNkulunkulu eyibandla likaNkulunkulu ophilayo eliyinsika nesisekelo seqiniso.

16Ngempela akunakuphikwa ukuthi imfihlo yokholo lwethu inkulu njengoba sithi: “Weza kulomhlaba engumuntu uqobo, ngokomoya kwabonakala ukuthi ungoLungileyo, wabonwa yizingilosi, washunyayelwa ezizweni, abantu basemhlabeni bakholwa kuye, wenyuselwa ezulwini wanikwa ubukhosi.”

1 kuThimothi 4

Ukuhlubuka okubikezelwe ngakho

1UMoya oyiNgcwele ukusho ngokusobala ukuthi ngezinsuku zokugcina abanye bayohlubuka ekukholweni babambelele kokufundiswa imimoya emibi edukisayo nasezifundisweni zamadimoni.

2Izifundiso ezinjalo ziyaye zichelwe ngabafundisi bamanga abazenzisayo, abanembeza wabo sewafa sengathi wabashulwa ngomlilo.

3Lababantu benqabela ukuganana, babuye bathi abazile ukudla okuthile, yize noma uMvelinqangi ekudalile ukuba bakudle abakholwayo abalaziyo iqiniso, bakudle bebongile kuNkulunkulu.

4Ngoba konke okudalwe nguMvelinqangi kulungile, akukho okufanele ukulahlwa uma sikwemukela ngomkhuleko wokubonga,

5ngoba kusuke sekungcweliswe ngezwi likaNkulunkulu nangomkhuleko wokubonga.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Isisebenzi esiqotho sikaKristu Jesu

6Uma uyala abazalwane ngalezizinto uyoba yisisebenzi esiqotho sikaKristu Jesu,
njengoba uzondla ngokomoya ngalokho okutholakala okholweni lwethu
nasemfundisweni eqotho osubambelele kuyo.

7Ungazinaki izinsumansumane eziphambene nokukholwa ezifana
nezinganekwane ezixoxwa yizalukazi, kodwa yakha isimilo sakho wesabe
uNkulunkulu.

8Ngoba ukuqinisa izikhwepha zomzimba kusiza kancane, kodwa ukwesaba
uNkulunkulu kusiza kukho konke, kunesethembiso mayelana nalokhukuphila
kwamanje nalokho okuzayo.

9Lelizwi liqinisile ngempela, kufanele lamukelwe ngokupheleleyo.

10Yiwo lomgomo esiwujulukelayo siwukhandlekele, ngoba ithemba lethu
likuNkulunkulu ophilayo umsindisi wabantu bonke, ikakhulu walabo
abakholwayo.

11Uze ubayale ubafundise ngalezizinto.

12Akungasuki muntu akwedelele ubusha bakho ethi usemncane, kodwa yiba
yisibonelo kwabakholwayo ngokukhuluma nangokuziphatha kwakho
nangothando nokukholwa nempilo emsulwa.

13Uze unakekele ukufunda imibhalo engcwele embuthanweni ushumayele
ufundise, ngize ngifike lapho.

14Ungasidebeseli isiphiwo sokomoya onaso, owasemukeliswa ngamazwi
ayebikezela ngawe mhla abaholi bebandla bekubeka izandla.

15Lezizinto kufanele ukuba uzinakekele, uzinikele kuzo njalo, ukuze bonke abantu
babone ukuqhubekela kwakho phambili.

16Hlala uyiqaphele impilo oyiphilayo nemfundiso yakho, uphikelele kukho;
ngalokho uyosinda wena uqobo, kusinde nalabo obafundisayo.

1 kuThimothi 5

Okufanele kwenziwe kubazalwane

1Ungamjakadi umuntu omdala, kodwa khuluma kahle naye, kube sengathi
unguyihlo. Abesilisa abasha wobaphatha njengabafowenu,

2abadala besifazane ubaphathe njengonyoko; kanjalo futhi abesifazane abasha
wobaphatha njengodadewenu, ube msulwa.

3Hlonipha abafelokazi abangenabani!

4Uma umfelokazi enabantwana kumbe abantanomntanakhe kufanele ukuba
bafunde kuqala ukuwuhlonipha nokuwunakekela umndeni wakwabo. Ngokwenze

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

njalo bacola abazali babo, bakhombise ukubabonga; lokho kuyamthokozisa uNkulunkulu.

5Umfelokazi ongenabani uyaye abeke ithemba lakhe kuNkulunkulu, ahlale ekhuleka kuye imini nobusuku emnxusa.

6Kepha umfelokazi ozitika ngezinjabulo zalomhlaba uyithuna esaphila.

7Bayale-ke abafelokazi ngalezizinto, ukuze bangasoleki.

8Kodwa uma umuntu engabanakekeli abakubo, ikakhulu abomndeni wakhe, usekuphikile ukukholwa kwakhe, mubi kakhulu wedlula ongakholwayo.

9Ohleni lwamagama abafelokazi bebandla makubhalwe amagama alabo kuphela abaminyaka yabo ingaphezu kwamashumi ayisithupha, labo ababeziphethe kahle emendweni yabo ,

10abaziwayo ngemisebenzi yabo emihle enjengokuthi, babekhulisa kahle abantwana, bephatha kahle izihambi, bezithoba, benzela abazalwane imisebenzi ebukelwa phansi , besiza abahluphekile, bezinikela kuyo yonke imisebenzi encomekayo.

11Kodwa ohleni lwamagama abafelokazi ungababhalisi abasebasha, ngoba uma sebeqala ukushiswa yizinkanuko kungabenza bamdele uKristu, bafune ukugana.

12Uma benze njalo bazibangela ukulahlwa, ngoba besaphulile isethembiso sabo sakuqala.

13Futhi-ke bafunda umkhuba omubi wokuvilapha, bathande ukuzula yonke indawo bephuma bengena imizi ngemizi. Kabavilaphi nje kuphela, kodwa bayizinhlebi nogaxekile ezindabeni zabanye, bakhulume okungafanele.

14Ngakhoke ngithi kuhle ukuba abafelokazi abasebasha babuye bagane bazale, baphathe kahle imizi yabo, ukuba izitha zethu zingatholi ithuba lokusinukubeza.

15Ngikhuluma nje abanye babo sebevele bahlubuka balandela uSathane.

16Uma owesifazane okholwayo ehlala nabafelokazi emzini wakhe, akabasize ukuba ibandla lingasindwa, yikhona lizokwazi ukusiza abafelokazi abangenabani.

17Abaphethe ebandleni abaqhuba kahle ekuliphatheni, kufanele babongwe ngokuphindiwe, ikakhulu laba abasebenza kanzima beshumayela befundisa.

18Ngoba embhalweni ongcwele kuthiwa: “Ungayifaki inkabi isifonyo uma isebenza! ” Kubuye kuthiwe: “Kufanele ukuba isisebenzi sivuzwe ngomsebenzi waso.”

19Icala elethweswe umphathi webandla ungalemukeli uma bengekho ofakazi ababili kumbe abathathu abalifakazelayo.

20Abayaye benze isono bakhuze obala ukuze nabanye besabe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Ngiyakuyala impela phambi kukaNkulunkulu noKristu Jesu nezingilosi ezikhethiweyo ngithi uze ukwenze konke lokhu, ungabandlululi kumbe ukhethe umuntu.

22Ungasheshi ukumbeka izandla umuntu ozophatha umsebenzi ebandleni, ungahlanganyeli ezonweni zabanye, kodwa hlala umsulwa.

23Njengoba uhlala ungaphilile ngenxa yesisu esikuphethe, ungabe usaphuza amanzi odwa, usungaliqhabula iwayini ukuba likusize ekuguleni kwakho.

24Izono zabanye abantu zisobala zithe bha, ziyabandulela esigcawini sokuthetha amacala. Kanti-ke ezabanye zibalandela ngemuva.

25Ngokunjalo nemisebenzi elungileyo isobala ithe bha, ngisho naleyo engabonakali kahle ingesithakale.

1 kuThimothi 6

1Bonke abayizigqila abahlale bazi ukuthi abanini babo bafanele ukuhlonishwa kukho konke, ukuze kungahlanjalazwa igama likaNkulunkulu nemfundiso yokholo lwethu.

2Izigqila ezisebenzela abakholwayo kufanele zingabadeleli ngezaba zokuthi bangabazalwane. Kunalokho azikhuthale kakhulu, ngoba bangamakholwa nabazalwane abathandekayo abashisekela ukuphatha kahle izigqila zabo.

Asikhonze uNkulunkulu saneliswe yilokho esinakho!

Kufanele ukuba ubafundise ubalayeze ngalezizinto.

3Lowo ofundisa okwehlukileyo, engabambeleli emazwini aqotho eNkosi yethu uJesu Kristu nasemfundisweni yokholo lwethu,

4ukhukhumele kanti-ke futhi akazi lutho. Umuntu onjalo uyaye aphathwe yilukuluku lokuphikisana nabanye adaze inkani, okubanga ukuba abantu bafelane umona baxabane bazindlekelane ngendlela embi,

5badamane beqhubukushana. Lababantu banemiqondo eyonakele, kabasenalo iqiniso. Bayaye bathi ukwesaba uNkulunkulu yiyona ndlela abayoceba ngayo.

6Empeleni, okuyiyona nzuzo enkulu ukuba simesabe uNkulunkulu, saneliswe ngesinakho.

7Seza lapha emhlabeni singenalutho; asikwazi ukumuka siphethe utho.

8Uma sinakho ukudla nezambatho, asaneliswe yilokho.

9Kepha lababantu abathanda ukuceba bayaye behlelwe ngukulingwa, babhabheke esifeni sikaSathane, bawulazwe yizinkanuko ezilimazayo ezidonsela abantu ekufeni nasekubhujisweni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Ngoba ukukhonza imali kuyisisusa sakho konke okubi. Abanye abantu bayilabalabela ngangokuthi baze bahlubuke ekukholweni, bazibangele iminjunju ebagwaza ezinhliziyweni zabo.

Ukulwa emshikashikeni wokukholwa

11Kodwa kugweme lokhu wena muntu kaNkulunkulu, ushisekele ukulunga nokwesaba uNkulunkulu nokholo nothando nokubekezela nobumnene!

12Yilwa impi elungileyo yokukholwa uphikelele njalo uze uthole ukuphila okuphakade. Ngoba yikho owabizelwa kukho njengalokhu walikhipha mhla uvuma phambi kofakazi abaningi isivumo esinqabileyo sokholo.

13Ngiyakuyala phambi kukaMvelinqangi owenza ukuba konke okukhona kuphile naphambi kukaKristu Jesu owafakaza phambi kukaPontu Pilatu wavuma isivumo esinqabileyo sokholo.

14Ngiyakuyala ukuba ugcine imfundiso yobuKristu ibe msulwa ingasoleki, kuze kube mhla kuqhamuka iNkosi yethu uJesu Kristu.

15Ngesikhathi esifanele iyobonakaliswa nguNkulunkulu obongekayo onguye yedwa uMninimandla, iNkosi yamakhosi ongumbusi wababusi.

16Nguye kuphela omiyo njalo nohlala ekukhanyeni okungenakusondelwa kukho, ongazange abonwe muntu nongebonwe. Udumo namandla kungokwakhe ungunaphakade. Ameni.

17Batshele laba abayizicebi kulomhlaba ukuba bangazikhukhumezi bangethembeli kulengcebo ephelayo. Ithemba labo abalibeke kuNkulunkulu osandla sakhe sisipha konke kweve, ukuba sizitike ngakho.

18Batshele futhi ukuba kuvame kubo imisebenzi elungileyo, baphane, babele abanye.

19Ngalokho bayobe bazihlinzeka ngengcebo enhle egcinelwe isikhathi esizayo, bathole umvuzo ongukuphila okuyikhonakhona.

20Thimothi uze ukulonde kahle konke okwethweswe khona ukugcine. Kuxwaye ukukhuluma ize eliphambene nokukholwa, uxwaye nokuphikisana okuvela kulokho okuthiwa kungulwazi, kuyilapho kungeyilo.

21Ngoba abanye bashaya sengathi banolwazi; ngalesosenzo bese behlubuka ekukholweni. Salani nomusa!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kuThimothi

2 kuThimothi 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula umphostoli kaKristu Jesu ngokwentando kaNkulunkulu, ngithunyelwe ukushumayela ukuphila esikwethenjisiweyo okukuKristu Jesu.

2Ngiyilobele wena Thimothi, ndodana yami engiyithandayo. Ngikufisela umusa nobubele nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKristu Jesu iNkosi yethu.

Yima isibindi ungabi namahloni!

3Ngiyambonga uNkulunkulu engimkhonza ngonembeza omsulwa njengalokhu okhokho bami babenza. Ngiyaye ngimbonge nxashana ngikukhumbula njalo emikhulekweni yami imini nobusuku.

4Ngiyaye ngikhumbule lapho usubihlika izinyembezi, bese ngilangazelela ukukubona ukuze inhliziyo yami ijabule ngempela.

5Bese ngikhumbula ukugxila kwakho ekukholweni. Ukholo lwakho lufuze olukanyokokhulu uLuwisi nolukanyoko uYunisi. Ngineqiniso lokuthi ugxilile kulolukholo njengabo.

6Ngakhoke ngiyakukhumbuza ukuba ukhwezele njalo umlilo walesosiphiwo sakho uNkulunkulu akunika sona ngomusa wakhe mhla ngikubeka izandla.

7Ngoba uMoya esiwunikwe nguNkulunkulu kawusenzi amagwala. Kunalokho uMoya wakhe usipha amandla, sigcwale uthando, sikwazi nokuzithiba.

8Ngakhoke ungabi nazinhloni lapho ufakaza ngeNkosi yethu uJesu, ungatheleki izinhloni nangami engiyiboshelwe. Kunalokho, hlanganyela nami ekuhlushweni ngenxa yevangeli, uNkulunkulu akuqinise amandla.

9Wasisindisa wasibiza sase sahlukaniselwa yena. Akubanga ngenxa yemisebenzi yethu elungileyo, kepha lokhu wakwenzela ukuba afeze inhloso yakhe, asenzele umusa. Ngenxa kaKristu Jesu uNkulunkulu wasenzela lomusa wakhe kwaphakade,

10kodwa manje usuwambuliwe ngokufika komsindisi wethu uKristu Jesu. Nguye owachitha amandla okufa, wakuveza ngokusobala ngevangeli ukuphila okungenakubhubha.

11UNkulunkulu ungibekile ngaba ngumphostoli nomfundisi oshumayela lelivangeli;

12yingakho-ke ngikulokhukuhlupheka okunje. Nokho ngimi isibindi anginamahloni, ngoba ngiyazi ukuthi ungubani lona engikholwa kuye, ngineqiniso ukuthi lokho engikwethwesiwe ukuba ngikugcine uyokulonda kuze kube mhla wosuku ayobuya ngalo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Bambelela kulokho owakufunda kimina okuyimfundiso yamagama aqotho,
ubukele kukho, ugxile ekukholweni nasothandweni esiluhlanganyela kuKristu
Jesu.

14Lilonde kahle leligugu owalethweswayo, ngokusizwa nguMoya oyiNgcwele lowo
ohlala ngaphakathi kithina.

15Uyazi ukuthi sebangihlamuka bonke abahlala kwelaseAsiya, abanye babo
nguFigelo noHermogene.

16INkosi uSomandla ayibenzele ububele abendlu kaOnesiforo, ngoba wayelokhu
engivakashela izikhathi eziningi, afike angimise isibindi engenazinhloni ngami
ngenkathi ngiboshiwe.

17Kuthe nalapho esefikile eRoma wangithungatha ehla enyuka waze wangithola.

18INkosi uJesu ayimenzele ububele mhla ibuya! Uyazi kahle kakhulu ukuthi
kuningi kangakanani angisiza ngakho ngisEfesu.

2 kuThimothi 2

Ibutho eliqotho likaKristu Jesu

1Qina amandla-ke manje ndodana yami ngenxa yomusa esiwenzelwa nguKristu
Jesu thina esingabakhe.

2Lokho owangizwa ngikufundisa phambi kofakazi abaningi, kudlulisele kubantu
abathembekile ukuba bakugcine, ukuze nabo babuye bafundise abanye.

3Bekezela lapho uhlupheka kanye nabanye, njengebutho eliqotho likaKristu Jesu.

4Ibutho-ke elisuke liphuma impi alize lingazilibazisa ngeminako yasemakhaya,
kodwa liyaye lilalele lowo osuke elibuthile.

5Kanjalo futhi, nomuntu ongenela ukungqayiselana kaklonyelwa ngomqhele uma
engayigcinanga imithetho yomdlalo.

6Umlimi ozikhandla ngokulima kufanele kube nguyena odla imilibo.

7Kuzwe kahle ukwetshise lokhu engikushoyo, ngoba iNkosi uJesu iyokusiza ukuba
ukuqonde konke.

8Khumbula njalo ukuthi uJesu Kristu wolibo lukaDavide wavuswa kwabafileyo.
Phela yilokhu okuyindikimba yendaba ethokozisayo engiyimemezelayo.

9Ngenxa yalendaba emnandi sengihlupheke kakhulu ngaze ngaboshwa
ngamaketango sengathi ngiyiselelesi. Kodwa izwi likaNkulunkulu kaliboshiwe.

10Ngakhoke ngiyakubekezelela konke ngenxa yalabo abayikhethelo
likaNkulunkulu, ukuze nabo basindiswe ngoKristu Jesu, bafinyelele ebukhosini
obungunaphakade.

11Siyiqiniso isisho esithi: “Uma safa kanye noKristu siyobuye siphile naye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Uma sibekezelela izinhlupheko, siyobuye sibuse naye. Kodwa uma simphika,
naye uyosiphika.

13Uma ngabe singathembekile yena uhlala ethembekile njalo, ngoba
akanakuguquka kulokho akushiloyo .”

Isisebenzi esethembekile sikaNkulunkulu

14Bakhumbuze ngalezizinto, ubaxwayise phambi kukaNkulunlulu ukuba
bangajikijelani ngamazwi, ngoba akusizi ngalutho kepha kukhubekisa abasuke
belalele.

15Khuthazela uziveze phambi kukaNkulunkulu uyisisebenzi esethembekileyo
esamukeleka kuye, isisebenzi esingenazinhloni ngomsebenzi waso, esilifundisa
ngobuqotho izwi likaNkulunkulu eliyiqiniso.

16Uze uxwaye ukugevuza okuyize okuphambene nokukholwa, ngoba lokhu
kubenza bonakale kakhulu abantu, bagamanxe enkohlakalweni.

17Ukukhuluma okunje kunjengesilonda esibhibhayo emzimbeni womuntu.
Abanye balaba abakhuluma kabi nguHimenusi noFiletho.

18Baphaphalazile eqinisweni ngoba bathi ukuvuka kwabafileyo sekwadlula. Uma
besho njalo bayaye baphekule ukholo kwabanye.

19Kodwa-ke isisekelo esabekwa nguNkulunkulu simi sizindile; kulotshwe kuso
amazwi athi: “USimakade ubazi bonke abangabakhe,” nalawa athi: “Yilowo nalowo
othi ungokaSimakade akayeke ukwenza okungalungile.”

20Endlini enkulu kuyaye kube khona izinhlobonhlobo zezitsha. Ezinye zenziwe
ngesiliva, ezinye ngegolide, ezinye-ke zibazwe ngokhuni, ezinye zibunjwe
ngebumba. Ezinye zazo ziyizitsha ezihloniphekile, ezinye-ke ziyizitsha ezingasho
lutho.

21Uma umuntu ededa ebubini ezihlambulula, unjengesitsha esihloniphekile, ngoba
lomuntu ungcwelisiwe nonosizo kumninindlu. Uba yisitsha esilungiselwe wonke
umsebenzi omuhle.

22Gwema izinkanuko zobusha, ushisekele njalo ukulunga nokukholwa nothando
nokuthula, uhlanganyele nalabo abakhuleka ngegama leNkosi uJesu ngenhliziyo
emsulwa.

23Xwaya izindaba zobuwula ezingenangqondo okuyaye kuphikiswane ngazo
ngoba uyazi ukuthi lokho kudala ukuxabana.

24Isisebenzi seNkosi uJesu akufanele ukuba sixabane nabantu, kunalokho asibe
nesisa kubo bonke, sikhaliphele ukufundisa, sibekezele.

25Laba abamelene naso, kufanele siqondisane nabo ngobumnene. Sikwenze lokhu
hleze kwenzeke ukuba uNkulunkulu abanike ithuba lokuphenduka, balazi iqiniso,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

26bese besanguluka ezingqondweni, baphephe esihibeni uSathane ababambe ngaso ukuba benze intando yakhe.

2 kuThimothi 3

Ukonakala kwabantu ngezinsuku zokugcina

1Kuhle wazi ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyofika izikhathi ezilukhuni.

2Abantu bayoba ngogombela kwesabo, bakhonze imali, bazikhukhumeze, baziqhenye, bahlambalaze, badelele abazali babo. Kuyoba khona abantu abangabongiyo nabangenandaba nalokho okungcwele.

3Kube khona abantu abangenaluthando nabangavumi ukubuyisana, abanyembenyayo nabahluleka ukuzikhuza nabagcwelezayo nabangakuthandi okuhle.

4Kuyoba khona abantu abayokhaphela abanye neziphoxo nabazidlayo nabathanda izinjabulo kunoba bathande uNkulunkulu.

5Bayobukeka sengathi bayamesaba uNkulunkulu, kodwa ngokwenza kwabo babe bephika amandla atholakala ngokukholwa. Uze ubagweme abanjalo!

6Abanye babo yibo laba abathubeleza baze bangene ezindlini, bafike bathumbe abesifazane abangenasimilo. Laba besifazane banyinyitheka nomthwalo osindayo wezono, beqhutshwa yizinkanuko ezinhlobonhlobo.

7Njalo nje bayaye bafundiswe, kodwa kabafinyeleli ekulazini iqiniso.

8Njengoba oJanesi noJambresi babemelene noMose, kanjalo-ke lamadoda amelene neqiniso. Angabantu abazingqondo zabo zonakele nabalukholo lwabo lwehlulekile.

9Kodwa ngeke baze baqhubekele phambili, ngoba ubuwula babo sebuzovela obala, bese bebonwa yizwe njengalokhu kwenzeka koJanesi noJambresi.

UPawula uyala uThimothi okokugcina

10Wena-ke wayilandela imfundiso yami, wangilingisa ngempilo oyiphilayo nomgomo owuhlosile empilweni yakho nangokukholwa nokuqinisela nothando nokubekezela,

11nokuhlushwa njengoba ngehlelwa yizinhlupheko emizini yaseAntiyokhi naseIkhoniyo naseListra. Izinhlupheko ezinje ngiyozizekela amagwababa echobana. Kodwa iNkosi uSomandla yangihlenga kukho konke ukuhlupheka kwami.

12Yebo, yilowo nalowo ofuna ukuphila impilo eqotho kuKristu Jesu, lowomuntu uyohlushwa.

13Kepha abantu abenza ububi nabawakayo bayodlebeleka nobubi ababenzayo bedukisa abantu, nabo bedukiswa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Kodwa-ke wena, bambelela kulokho okufundile wakukholwa ngempela. Uyazi-
ke ukuthi ukufunde kobani.

15Kwasebuntwaneni uyayazi imibhalo engcwele enamandla okukunika
ukuhlakanipha ukuba usindiswe ngenxa yokukholwa kwakho kuKristu Jesu.

16Konke okusemibhalweni engcwele kwaba khona ngesu loMoya kaNkulunkulu,
ngakhoke ilungele ukufundisa nokukhuza nokuqondisa amaphutha nokuyala
mayelana nokulunga,

17yikhona umuntu kaNkulunkulu ezophelela, alungele ukuyenza yonke imisebenzi
emihle.

2 kuThimothi 4

1Ngiyakuyala impela phambi kukaNkulunkulu noKristu Jesu oyobahlulela
abaphilayo nabafileyo, njengoba eyobuya esezobusa eyiNkosi, ngithi:

2Shumayela izwi likaNkulunkulu, ulungele ukulizwakalisa noma kuyisikhathi
esifaneleyo noma kungeyiso. Uze ubakhuze, ubasole, ubakhuthaze; ukwenze
lokhu ngokubafundisa ngesineke esikhulu.

3Ngoba kuyofika isikhathi lapho abantu bengayikukubekezelela ukuzwa
imfundiso eqotho. Kunalokho bayofuna okuzwana nezinkanuko zabo, baziqoqele
abaningi balabo abafundisayo, ukuba bafike babashumayeze okuzobaphatha
kahle uma bekuzwa.

4Bayoligwema iqiniso bangafuni ukulizwa, kodwa banake izinsumansumane.

5Wena-ke kufanele uzithibe kukho konke, ubekezelele ukuhlushwa, uqhube
umsebenzi wokushumayela indaba emnandi, ukufeze konke okwenzayo
njengesisebenzi sikaNkulunkulu.

6Mina-ke, sengizobulawa kuchithwe igazi lami njengomhlatshelo, ngoba sesifikile
isikhathi sokuba ngemuke kulomhlaba.

7Ngiyilwile impi elungileyo, ngagijima ngalifeza ibanga lami emncintiswaneni,
ngabambelela okholweni.

8Manje-ke sengilindele ukuklonyelwa ngomqhele wokulunga. Ngiyowunikwa
yiNkosi uJesu, umahluleli olungileyo, mhla ebuya. Akuyimi ngedwa
engiyowunikwa, kodwa kuyonikwa bonke abalangazelela ukuqhamuka kwakhe.

Amazwi kaPawula aqondene ngqo noThimothi

9Zama ukufika lapha ngokushesha.

10Phela uDemasi wangishiya ngoba esekhonze izinto zalomhlaba. Wahamba-ke
waya emzini waseThesalonika. UKresensi waya kwelaseGalathiya, uThithusi waya
kwelaseDalmathiya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11NguLuka kuphela engihlezi naye lapha. Uze uthathe uMarko uze naye lapha, ngoba angaba usizo olukhulu kimi emsebenzini wami.

12UThikhikho ngimthume Efesu.

13Uma uza lapha wongiphathela isivatho sami leso engasishiya kuKhapho eTrowa. Ungiphathele nemiqulu yami yezincwadi, ikakhulu leyo eyenziwe ngesikhumba.

14Phela uAleksanda umkhandi wethusi wangihlinzela ezibini; iNkosi iyongiphendulela kuyena.

15Uze umxwaye, ngoba wamelana kakhulu nalokho esikushumayelayo.

16Akukho noyedwa owangisekela mhla ngiziphendulela ngokokuqala esigcawini, kodwa bangihlamuka bonke. Sengathi uNkulunkulu angesibalele kubo lesisono.

17Kodwa iNkosi uSomandla yangizimazisa yangiqinisa, ukuze ngikwazi ukuyimemezela indaba emnandi ngingashiyi lutho, abezizwe bayizwe bonke. Ngasinda, ngaphepha emloyeni wengonyama.

18INkosi iyongihlenga ingivikele kukho konke okubi, ingiyise embusweni wayo ezulwini. Udumo nobukhosi kungokwayo phakade naphakade. Ameni.

Ukuvalelisa

19Uze ungikhonzele kuPhrisila noAkhwila nakwabomndeni kaOnesiforo!

20Phela uErasto wasala emzini waseKhorinte, uTrofimo yena ngamshiya egula emzini waseMilethu.

21Phuthuma uze lapha bungakangeni ubusika! Bayakhonza oEwubhulo noPhudensi noLinosi noKlawudiya, nabo bonke abazalwane.

22INkosi ayibe nawe ibusise umoya wakho! Salani nomusa!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UThithusi

UThithusi 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula inceku kaNkulunkulu nomphostoli kaJesu Kristu. Ngithunyelwe ukuba abekhethelo likaNkulunkulu ngibaholele ekukholweni nasekulazini iqiniso. Leliqiniso lisifundisa ukwesaba uNkulunkulu,

2lisinike ithemba lokuphila okuphakade. UNkulunkulu ongaqambi manga wasethembisa lokhokuphila ndulondulo.

3Kuthe lapho isikhathi esimisiweyo sesifikile, walembula izwi lakhe lashunyayelwa laba sobala. Kungomyalo kaNkulunkulu umsindisi wethu owangenza ngathweswa lomthwalo wokuba ngilimemezele.

4Lencwadi ngiyilobele wena Thithusi ndodana yami isibili ehlanganyele nami okholweni lunye. Ngikufisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini yethu uJesu Kristu umsindisi wethu.

Umsebenzi kaThithusi eKhrethe

5Ngakushiya esiqhingini saseKhrethe ngenhloso yokuba usale uhlela okwakusasilele, ubeke abazophatha ibandla ezigodini ngezigodi njengoba ngakuthuma.

6Kufanele ukuba umholi webandla angasoleki, abe nenkosikazi eyodwa. Abantwana bakhe ababe ngamakholwa, bangabi ngabantu abadume ngemikhuba emibi nokwedelela.

7Njengoba umholi webandla eyinceku ebheka umsebenzi kaNkulunkulu, ngakhoke kufanele ukuba angasoleki ngalutho. Akangabi ngumuntu ozidlayo kumbe ohluthukayo, angabi yisidakwa noma isidlova, angahaheli nje ukuthola inzuzo.

8Kunalokho kufanele abe ngumuntu ophatha kahle izihambi nothanda okulungileyo. Kufanele ukuba akwazi ukuzibamba, abe ngumuntu oqotho nongcwele nozithibayo.

9Akabambelele athi ngqi emfundisweni eyiqiniso njengoba eyifundisiwe, ukuze akwazi ukukhuthaza nabanye ngalemfundiso eqotho, akwazi nokubaphikisa abamelene nayo.

10Ngoba baningi abantu abenqaba ukuthobela abaphetheyo, bakhulume okuyize bakhohlise abanye. Kwenziwa ikakhulu ngamaJuda asephendukele enkolweni yethu.

11Kufanele bavalwe isimuku, ngoba bayaye badunge umndeni wonke ekhaya ngokufundisa okungafanele. Bayaye bakwenze lokhu ngoba behahele ukuthola inzuzo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Omunye umphrofethi wesizwe sakubo wathi: “Abantu baseKhrethe
bangohubhukabhejane njalo, bayizigcanakazana, bayiziminzi, akumavila
yizinyoka.”

13Lokho okwakufakazwa ngabo kuyiqiniso. Ngakhoke bakhuze ucijise amazwi,
ukuze ukukholwa kwabo kugxile emfundisweni eqotho,

14bangabe besazinaka izinsumansumane zamaJuda kumbe imiyalo yabantu
abamelene neqiniso.

15Konke kuhlanzekile kwabahlanzekileyo, kepha akukho lutho oluhlanzekile
kwabangcolileyo nabangakholwayo. Ngoba zingcolile izingqondo zabo
nonembeza babo.

16Bathi bayamazi uNkulunkulu uma besho, kodwa izenzo zabo ziyabaphikisa.
Bayisinengiso, bangabantu abadelelayo, akukho nokukodwa okuhle
abangakwenza.

UThithusi 2

Imfundiso eqotho

1Kepha wena kufanele ukuba ushumayele okuvumelana nemfundiso eqotho.

2Uze ubatshele abesilisa abadala ukuba bazithibe bazothe bazibambe babe qotho
ekukholweni nasothandweni nasekubekezeleni.

3Kanjalo futhi nabesifazane abadala batshele ukuba baziphathe ngendlela efanele
abakholwayo, bangabi ngabacevuza izindaba, bangabi yizigqila zesiphuzo, kodwa
bafundise okulungileyo.

4Abakwenze lokhu ukuze babe nesiyalo esihle komakoti ukuba bathande abayeni
babo nabantwana babo,

5bazibambe babe msulwa, baphathe kahle imizi yabo, bathobele abayeni babo,
khona abantu bengezukuba nazaba zokuhlambalaza izwi likaNkulunkulu.

6Ngokunjalo uze ukhuthaze izinsizwa ukuba zizithibe.

7Wena-ke yiba yisibonelo ngemisebenzi emihle kukho konke. Ekufundiseni
kwakho khombisa ubuqotho, nesizotha futhi.

8Okushoyo akube ngamazwi aqotho angasoleki, ukuze laba abamelana nawe
bafojiswe, bengenazaba zokukhuluma okubi ngathi.

9Uze uyale izisebenzi ukuba zithobele ezibasebenzelayo, zibathokozise.
Azingaqagulisani nabo,

10zingashayi induku, kodwa zikhombise ukuthi zethembeke ngempela, ukuze
isifundiso sethu ngoNkulunkulu umsindisi wethu sivunuliswe sithandeke kukho
konke ngenxa yazo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Ngoba usuvezwe wasobala umusa kaNkulunkulu oletha insindiso kubo bonke abantu.

12Lomusa-ke usifundisa ukudela impilo yokungakholwa, ukuba singabuswa yizinkanuko zalomhlaba, kodwa sihambe ngokuzithiba nangobuqotho nangokumesaba uNkulunkulu sisekulomhlaba,

13njengoba sisalindele lolosuku olubusisekileyo esilubheka ngethemba, lapho kuyobonakala khona inkazimulo yobukhosi bukaNkulunkulu wethu ophakemeyo umsindisi wethu uJesu Kristu.

14Wazinikela ngenxa yethu, ukuba asihlenge kukho konke ukungalungi, asihlambulule sibe yisizwe esikhethiweyo esishisekela imisebenzi encomekayo.

15Bafundise-ke abantu ngalezozinto, ubakhuthaze ubakhuze ngegunya lakho lonke. Akungabi bikho muntu okubukela phansi!

UThithusi 3

Ukuzalwa kabusha nokuphila impilo entsha

1Bakhumbuze ukuba bathobele ababusi neziphathimandla, babalalele balungele ukwenza yonke imisebenzi emihle.

2Uze ubatshele banganukubezi muntu, bangabi ngophumasilwe, kodwa babe nenhliziyo enhle, babe mnene bathobele bonke abantu.

3Ngoba kwathina sasikade siyiziwula nezedeleli. Sake seduka nathi, sabuswa yizinkanuko sithanda ukuzitika ngezinjabulo ezehlukeneyo. Sasenza ububi njalo, sigcwele umona sizondwa, nathi sizondana nabanye.

4Kodwa kuthe lapho sekubonakele kwasobala ukuthi uNkulunkulu unobubele nokuthi uyabathanda abantu,

5wasisindisa kodwa kwangaya ngemisebenzi yethu elungileyo kodwa ngenxa yobubele bakhe. Wasisindisa ngokusigeza sazalwa kabusha nguMoya oyiNgcwele, saphila impilo entsha.

6UNkulunkulu wasigidlabeza, wehlisela kithi uMoya oyiNgcwele ngenxa kaJesu Kristu umsindisi wethu,

7ukuba ngomusa wakhe sithethwe yicala sibe yizindlalifa zokuphila okuphakade esikubheke ngethemba.

8Lethembekile impela lelizwi. Ngifuna ukuba uzigcizelele lezizinto ukuba abakholwa kuNkulunkulu bakhuthalele ukwenza imisebenzi emihle. Phela kuhle lokhu, kuyabasiza abantu.

9Kodwa gwema izindaba zobuwula okuyaye kuphikiswane ngazo, nalezo zokuzalana kwemindeni, uxwaye imibango nokuphikisana ngomthetho, ngoba konke lokhu kuyize, akunamkhuba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Umuntu odala uqhekeko mdonse ngendlebe kanye noma kabili, emuva
kwalokho-ke umyeke uma engalaleli.

11Usuyazi-ke ukuthi umuntu onjalo uphambukile ukhohlakele, usezahlulele yena
uqobo.

Amazwi kaPawula aqondene ngqo noThithusi

12Uma sengimthumela kuwe uAthemasi kumbe uThikhikho, wozama impela
ukuza kimi emzini waseNikhopholi, ngoba senginqume ukuvakashela lapho
ubusika bonke.

13Zama-ke futhi ukusiza ummeli uZena noApholo, ubagayele umphako
ohambweni lwabo, ubenzele amalungiselelo bangantuli lutho.

14Kufanele ukuba abazalwane bethu bafunde ukuzinikela ekwenzeni imisebenzi
emihle, basize lapho kudingeke khona, bangaphili impilo engavezi izithelo ezinhle.

15Bakhonza bonke engihlala nabo lapha. Uze usibonele kubazalwane
abasithandayo esikholwa kanye nabo. Nisale nomusa nonke!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

UFilimoni

UFilimoni 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPawula engiboshelwe uKristu Jesu, ivela nakumzalwane uThimothi. Ngiyilobele wena Filimoni, umzalwane wethu othandekayo esibambe naye kulomsebenzi.

2Ngiyiqondise nakudadewethu uApfiya nakuAkhipho esilibutho linye naye kuKristu, nasebandleni elibuthanela emzini wakho.

3Nginifisela umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

Uthando nokukholwa kukaFilimoni

4Ngiyaye ngimbonge njalo uNkulunkulu wami lapho ngikubeka emikhulekweni yami,

5ngoba ngiyezwa kukhulunywa ngokuthanda kwakho bonke abazalwane nangokukholwa kwakho eNkosini uJesu.

6Ngiyaye ngikukhulekele ukuba lokhukukholwa ohlanganyela nathi kukho kukuvuselele ukuze kujule ulwazi lwakho ngazo zonke izibusiso esizitholayo empilweni esiyiphila kuKristu.

7Uthando lwakho lungithokozise kakhulu, lwangikhuthaza ngaba nomdlandla, ngoba wavuselela izinhliziyo zabakholwayo mfowethu.

UPawula unxusela uOnesimo

8Ngakhoke, njengoba nawe ungumKristu, bengingakujuba ngesibindi esikhulu, ngikuthume ngithi kuwe: “Yenza lokho ofanele ukukwenza! ”

9Kodwa yize kunjalo ngiyakuncenga ngenxa yothando engikuthanda ngalo, mina Pawula umuntu osemdala, kanti-ke futhi ngiboshelwe uKristu Jesu.

10Ngiyakuncenga ngicelela uOnesimo. Uyindodana yami isibili engamzala ngokomoya ngenkathi ngisaboshiwe lapha.

11Wayekade engenalusizo lwalutho kuwe, kodwa manje usewusizo kithi sobabili.

12Kuxephuka isicubu kimi njengoba sengimphindisela kuwe emuva.

13Bengithanda ukuba ngimgcine lapha ahlale nami ukuze angisize esikhundleni sakho ngesikhathi ngisaboshiwe ngenxa yevangeli.

14Kodwa-ke angithandanga ukwenza utho ngaphandle kwemvume yakho, ukuba kuthi lokho ongenzela khona ukwenze ngesihle ungaphoqelelwanga muntu.

15Mhlawumbe nehlukaniswa no-Onesimo okwesikhashana yikhona kuzothi uma esebuyela kuwe abuyele unomphela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Kodwa manje akaseyiso isigqila nje, kepha wedlula isigqila ngoba usengumzalwane othandekayo. Sengimkhonze kabi, kodwa wena uyomthanda kwedlulele, umthandele ukuthi uyisisebenzi sakho nokuthi futhi usengumzalwane wakho eNkosini.

17Ngakhoke uma uthi sisabambisene nawe, mamukele njengoba ubuyokwamukela mina!

18Uma kukhona akone ngakho kumbe kukhona afanele ukukukhokhela khona, akube yicala lami.

19Manje-ke sekuloba mina Pawula ngesami isandla ngithi: Ngiyokubuyisela. Phela akudingekile ukuba ngikukhumbuze ngalelocala obekufanele ulikhokhe kimi, elokubonga ngoba lokho oyikho kwaba ngenxa yami.

20Ngakhoke mfowethu, sengathi ngingasizakala kuwe ngenxa yeNkosi uJesu, uvuselele umoya wami njengoba singabazalwane kuKristu.

21Ngineqiniso lokuthi uzongilalela; njengoba ngiloba lencwadi ngiyethemba ukuthi uyongenzela lokhu engikucelayo kweve.

22Futhi-ke anongilungisela indawo lapho ngiyongenisa khona, ngoba nginethemba lokuthi ngemikhuleko yenu ngizobuyela kini.

Ukuvalelisa

23Uyakhonza kuwe uEphafrasi engiboshwe kanye naye ngenxa kaKristu Jesu.

24Bayakhonza oMarko noAristakho noDemasi noLuka. Bonke labo simdibi munye nabo emsebenzini.

25Salani nomusa weNkosi yethu uJesu Kristu, ibusise umoya wenu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHebheru

AmaHebheru 1

UNkulunkulu ukhulume kithi ngeNdodana yakhe

1Endulo uNkulunkulu wakhuluma ngomlomo wabaphrofethi kaningi nangezindlela ezahlukeneyo,

2kepha kulezizinsuku zokugcina usekhulume kithi ngomlomo weNdodana yakhe. Yiyona ayibekile yaba yindlalifa yakho konke; wadala ngayo umhlaba nakho konke okukhona.

3Yiyo ebonakalisa inkazimulo yobukhosi bakhe, ifuze yena uqobo; izwi layo lamandla liphase konke okukhona. Kuthe isiwufezile umsebenzi wokuhlambulula isintu ezonweni, yaya yahlala kwesokunene sikaNkulunkulu wakoMkhulu kweliphezulu.

INdodana iphakanyisiwe kunezingilosi

4Yaphakanyiswa yaba nkulu kunezingilosi kangangoba igama eliyifa layo liphakeme kunelazo.

5UNkulunkulu akazange asho nakweyodwa yezingilosi ukuthi: “Wena uyiNdodana yami ngikuzele, mina nginguYihlo kusukela namhlanje.” Kumbe abuye athi: “Mina ngiyoba nguYise, yena abe yiNdodana yami.”

6Nalapho esezoyithumela emhlabeni iNdodana yakhe eyizibulo uthi: “Akukhothame zonke izingilosi zikaNkulunkulu ziyikhulekele.”

7Uma ekhuluma ngezingilosi uthi: “Wenza izithunywa zakhe zibe yimimoya, izikhonzi zakhe zibe ngamalangabi omlilo.”

8Kodwa mayelana neNdodana uthi: “E Nkulunkulu! Isihlalo sakho sobukhosi ngesaphakade, intonga yobukhosi uyiphethe ngobuqotho.

9Ukulunga uyakuthanda, uzonda ukonakala, ngakhoke uMvelinqangi uNkulunkulu wakho wakugcoba ngomgcobo othokozisayo, wena wase ujabula lokhu okwedlula okontanga yenu.”

10Ubuye athi: “Simakade, emandulo wabeka isisekelo somhlaba, izulu lingumsebenzi wezandla zakho.

11Kodlula izulu nomhlaba, wena ume njalo, koguga konke kuphele njengengubo.

12Uyokusonga ukugoqe njengesevatho esesigugile bese uvunula kabusha. Kepha-ke wena uyohlala unguwe njalo, iminyaka yakho ayiyikuphela naphakade.”

13UNkulunkulu akazange asho nakweyodwa yezingilosi ukuthi: “Hlala ngakwesokunene sami ngize nginqobe izitha zakho zithele kuwe.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Kanti izingilosi ziyini na? Ziyizidalwa, imimoya ekhonza uNkulunkulu. Ziyaye zithunywe nguye ukuba zisize labo abayodla ifa lensindiso.

AmaHebheru 2

Insindiso enkulu kakhulu

1Ngakhoke kuhle sikunakisise lokhu esakufundiswayo, singaze sithatheke.

2Izwi lelo elakhulunywa ngomlomo wezingilosi kokhokho lalimi liqinile; yilowo nalowo owaphambukayo kulo engalilaleli wathola isijeziso esimfaneleyo.

3Siyophepha kanjani-ke uma sidebesela lensindiso enkulu kangaka na? Yaqale yashunyayelwa yiNkosi uJesu, labo abamuzwayo base beyifakazela ukuthi lensindiso iyiqiniso.

4Naye uNkulunkulu wabafakazela, wenza izibonakaliso nezimangaliso nemisebenzi yamandla eyahlukeneyo, wabela iziphiwo zoMoya oyiNgcwele ngokwentando yakhe.

Lowo okwavela ngaye insindiso

5UNkulunkulu akazange abeke izingilosi ukuba zibuse izwe ezweni elizayo, lelo esikhuluma ngalo.

6Kodwa kwenye indawo embhalweni ongcwele kuthiwa kuNkulunkulu: “Ubeyini umuntu ungaze umkhumbule ubeyini nje owasemhlabeni ungaze umnake na?

7Nokho, okwesikhashana nje uthe ukumehlisa wangaphansana kunezingilosi; wamethwesa umqhele ongubukhosi nodumo,

8wakuhlela konke kwangaphansi kombuso wakhe.” Kuthiwa uNkulunkulu wabeka umuntu ukuba abuse konke. Kusobala-ke ukuthi uNkulunkulu kashiyanga lutho olungabekwanga phansi komuntu ukuba alubuse. Nokho okwamanje asikaboni ukuthi umuntu ubusa konke okukhona.

9Kodwa siyambona uJesu owehliswa waba ngaphansana kwezingilosi okwesikhashana, ukuze ngesu lomusa kaNkulunkulu afe, kusizakale bonke abantu ngokufa kwakhe. Simbona manje esethweswe ubukhosi nodumo okungumqhele ekhanda lakhe ngenxa yokufa akufayo.

10Konke okukhona kwaba khona ngenxa kaMvelinqangi, kwadalwa nguye. Ngakhoke lapho esefuna ukungenisa abantwana bakhe abaningi enkazimulweni yobukhosi bakhe, kwakufanele ukuba aphelelise uJesu oyisisusa sensindiso yabo, ukuze ukuhlushwa kwakhe kumenze abe ngumsindisi ngokupheleleyo.

11Ngoba uJesu uhlambulula abantu ezonweni zabo; yena-ke kanye nalabo abahlanjululwayo bavela koyedwa. Ngakhoke akanamahloni okubabiza ngokuthi bangabafowabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Uthi-ke ngabo: “Ngiyomemezela igama lakho kubafowethu, ngikudumise
embuthanweni webandla.”

13Abuye athi: “Ngiyokwethembela njalo, kuNkulunkulu.” Aqhubeke futhi athi:
“Nakhu lapha ngikhona nabantwana engibaphiwe nguNkulunkulu! ”

14Njengoba lababantwana beyinyama negazi, naye uqobo wazalwa waba
ngumuntu oyinyama negazi ukuze afe, amnqobe ngokufa kwakhe lona onamandla
abanga ukufa, uSathane,

15abakhulule bonke labo ababelokhu beyizigqila empilweni yabo yonke ngenxa
yokwesaba ukufa.

16Ngoba kusobala ukuthi akakhathaleli ukusiza izingilosi, kodwa ukhathalela
ukusiza abozalo luka-Abhrahama.

17Ngakhoke kwakufanele ukuba abe njengabafowabo kukho konke, ukuze abe
ngumphristi omkhulu onesihe nothembekileyo phambi kukaNkulunkulu,
ahlawulele izono zabantu.

18Naye uqobo wahlupheka walingwa, ngakhoke unawo amandla okusiza
abalingwayo.

AmaHebheru 3

UJesu uphakanyisiwe kunoMose

1Bazalwane bami abangcwele, niluhlanganyele nathi ubizo lwasezulwini.
Mbhekeni lowomphostoli nomphristi esivuma ukuthi ungowethu, yena lona
onguJesu!

2Wayethembekile kuNkulunkulu okunguyena owambeka kulesosikhundla,
njengalokhu noMose wayethembekile endlini yonke kaNkulunkulu .

3UJesu wathola udumo olukhulu kunoMose njengalokhu udumo lomakhi wendlu
luba lukhulu kunendlu ayakhileyo.

4Yileyo naleyondlu yakhiwa ngumakhi wayo, kodwa-ke uNkulunkulu ungumakhi
wakho konke okukhona.

5UMose wayeyisisebenzi wathembeka endlini yonke kaNkulunkulu ukuba
afakazele okwakuzoshunyayelwa esikhathini esizayo.

6Kodwa uKristu wethembekile, uyiNdodana ebusa indlu kaNkulunkulu. Thina-ke
siyindlu yakhe uma sihlala njalo sineqholo sigabe ngalokho esikubheke
ngethemba.

Ukuphumula kwesizwe sikaNkulunkulu

7Ngakhoke uMoya oyiNgcwele uthi: “Uma nilizwa namuhla iphimbo lakhe

8ningabozenza lukhuni izinhliziyo zenu njengoba kwakwenza okhokho benu
lapho behlubuka uNkulunkulu mhla bemqala besehlane.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9UNkulunkulu uthi: “Bangiqala bangivivinya lapho, nanxa sebeyibonile imisebenzi yami

10eminyakeni engamashumi amane. Ngakhoke ngasithukuthelela lesosizukulwane ngaze ngathi: ‘Balokhu bengihlubuka kabahambisani nezindlela zami.’

11Ngafunga ngagomela ngithukuthele ngathi: ‘Kabasoze bangena kulelozwe, izwe ebebeyophumula kulo.’ ”

12Bakwethu, nize niqaphele ukuba kungabikho muntu kinina onenhliziyo embi engakholwayo embangela ukuba ahlubuke kuNkulunkulu ophilayo.

13Kunalokho khuthazanani imihla ngemihla uma kusathiwa “namuhla”, kungabi bikho muntu kinina okhohliswa yisono, inhliziyo yakhe ibe lukhuni.

14Ngoba thina sidlelana noKristu sihlanganyela naye, uma sibambelele sithe ngqi kuze kube sekugcineni kulokho esasikwethemba kwasekuqaleni.

15Umbhalo ongcwele uthi: “Uma nilizwa namuhla iphimbo lakhe ningabozenza lukhuni izinhliziyo zenu njengoba kwenza okhokho benu lapho behlubuka uNkulunkulu.”

16Ngobani labo abezwa iphimbo likaNkulunkulu base bemhlubuka na? Kwakuyilabo uMose abahola wabakhipha kwelaseGibhithe.

17Ngobani labo uNkulunkulu abathukuthelela iminyaka engamashumi amane na? Kwakuyilabo abonayo base beshayeka phansi bafa ehlane.

18UNkulunkulu wayeqondise kobani mhla efunga egomela ethi: “Kabasoze bangena kulelozwe, izwe ebebeyophumula kulo”? Wayeqondise kulabo abangamlalelanga.

19Sesiyabona-ke ukuthi ngenxa yokungakholwa kwabo babengenakungena kulelozwe ababelithenjisiwe.

AmaHebheru 4

1Manje thina uNkulunkulu usethembise ukuthi siyofinyelela ekuphumuleni kwakhe. Lesisethembiso sisemi, ngakhoke kuhle sihlale njalo sesaba ukuthi omunye wenu angase atholakale ehlulekile ukufinyelela kukho.

2Ngoba indaba ejabulisayo evela kuNkulunkulu yashunyayelwa kithi njengakokhokho besehlane, kodwa izwi lesethembiso abalizwayo alibasizanga ngalutho, ngoba kabalamukelanga ngokukholwa lapho belizwa.

3Thina-ke esikholwayo sesifinyelele kulokhokuphumula uNkulunkulu akhuluma ngakho lapho ethi: “Ngathukuthela ngabafungela ngathi: ‘Kabasoze bangena kulelozwe, izwe ebebeyophumula kulo.’ ” Wakusho lokhu phezu kokuba eseyifezile imisebenzi yakhe kusukela ekudalweni komhlaba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Ngoba kwenye indawo kuwo umbhalo ongcwele kuphathwa usuku lwesikhombisa kuthiwe: “UMvelinqangi waphumula ngosuku lwesikhombisa kuwo wonke umsebenzi wakhe.”

5Kubuye kuthiwe lapha: “Kabasoze bangena kulelozwe, izwe ebebeyophumula kulo.”

6Kuyiqiniso-ke ukuthi kukhona abantu abayofinyelela ekuphumuleni, kodwa labo abayizwa kuqala indaba emnandi kaNkulunkulu kabangenanga kukho, ngoba benqaba ukukholwa.

7Ngakhoke uNkulunkulu wabuye wanquma olunye usuku oluthile wathi “namuhla”. Phela emuva kwesikhathi eside ukhuluma ngomlomo kaDavide mhla esho lokho esisand' ukukusho ethi: “Uma nilizwa namuhla iphimbo lake ningabozenza lukhuni izinhliziyo zenu.”

8Ukuba uJoshwa wanika abantu lokhokuphumula ababekwethenjisiwe, ngabe uNkulunkulu akakhulumanga kamuva ngolunye usuku olwaluzofika.

9Ngakhoke kusekhona isabatha, okuyophumula ngalo isizwe sikaNkulunkulu.

10Labo abasuke sebefinyelele ekuphumuleni kwakhe bayophumula emsebenzini wabo, njengalokhu uMvelinqangi waphumula kowakhe.

11Ngakhoke asikhuthazele ukufinyelela kulokhukuphumula, ukuze kungabi bikho muntu kithina oyobhubha njengalabo ababa yisibonelo esibi ngokungakholwa kwabo.

12Izwi likaNkulunkulu liphilile linamandla libukhali kunayo yonke inkemba esika nhlangothi zombili. Lihlaba lingene lifike lahlukanise umphefumulo nomoya, amalunga nomnkantsha, lahlulele izinjongo nezizindlo zenhliziyo.

13Alukho utho oludaliweyo olusithakele kuNkulunkulu. Konke okukhona kuthe bha phambi kobuso bakhe. Nguye esiyomlandisa ngayo yonke imisebenzi esiyenzileyo.

UJesu ungumphristi omkhulu

14Sinomphristi omkhulu ophakanyiswe waba mkhulu kakhulu, wadabula amazulu kweliphezulu, uJesu iNdodana kaNkulunkulu. Ngakhoke asibambelele sithi ngqi kulokho esikuvumayo ngesivumo sethu sokholo.

15Sinomphristi wethu omkhulu ongehluleke ukusizwela ebuthakathakeni bethu. Kanti-ke futhi walingwa kukho konke njengathi, kodwa akonanga ngalutho yena.

16Ngakhoke asisondele ngomqhanago esihlalweni sobukhosi esingesomusa, nce sihawukelwe senzelwe umusa, uNkulunkulu asisize lapho sidinga usizo.

AmaHebheru 5

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Yilowo nalowomphristi omkhulu okhethwa phakathi kwabantu ubekelwe ukuba abamele kuNkulunkulu, ahlawulele izono zabo ngokunikela ngezipho nangemihlatshelo.

[2]Uyakwazi ukubekezelela abangenalwazi nabedukayo, ngoba naye uqobo lwakhe unobuthakathaka bezono.

[3]Ngenxa yalobubuthakathaka bakhe kufanele anikele ahlawulele ngisho nezono zakhe imbala njengoba ehlawulela ezabantu.

[4]Akukho muntu ozikhethela lesisikhundla esihloniphekile, uyaye abizwe nguNkulunkulu abesebekwa kuso njengoAroni.

[5]Kanjalo futhi noKristu akazinikanga loludumo lokuba ngumphristi omkhulu, kodwa uNkulunkulu wamphakamisa wathi kuye: “Wena uyindodana yami ngikuzele, mina nginguYihlo kusukela namhlanje.”

[6]Abuye athi kwenye indawo embhalweni ongcwele: “Wena ungumphristi kwaphakade, ngokokuma kukaMelkhizedeki.”

[7]Ngenkathi uJesu esemhlabeni wayeyaye akhuleke ajule anxuse ebubula ngezwi elikhulu akhale ezimathonsi ebhekise kuNkulunkulu onamandla okumsindisa ekufeni. UNkulunkulu wamuzwa, ngoba uJesu wamthobela.

[8]Ukuhlupheka kwakhe uJesu kwamfundisa ukulalela, nakuba wayeyiNdodana kaNkulunkulu.

[9]Nalapho esenziwe umsindisi ngokupheleleyo, waba yisisusa sensindiso yaphakade kubo bonke abamlalelayo.

[10]Wabekwa-ke nguNkulunkulu waba ngumphristi omkhulu ngokokuma kukaMelkhizedeki.

Xwayani ningahlubuki ekukholweni!

[11]Kusekuningi esingakusho mayelana nalendaba, kodwa kulukhuni ukunichazela khona, ngoba nithatha kade ukuzwa.

[12]Noma bekufanele ukuba ngalesisikhathi ngabe seniyafundisa, kodwa empeleni nisadinga omunye ozobuye aniqalise phansi anicathulise ezifundisweni zezwi likaNkulunkulu. Nisadinga ukunceliswa ubisi kunokuba nidle okuqinileyo.

[13]Osancelayo engakabi nalo ulwazi olwaneleyo ngokulunga uma efundiswa ngakho, useyingane ngokomoya.

[14]Kodwa ukudla okuqinileyo kungokwalabo asebekhule baqina okuthe ngokuvama kwabo ukusebenzisa izingqondo zabo bakhaliphela ukwazi umahluko phakathi kokulungileyo nokubi.

AmaHebheru 6

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Ngakhoke asisiyeke manje isifundiso sokuqala esacathuliswa ngaso sifundiswa ngoKristu, sedlulele kokuthe xaxa. Asingabe sisabeka isisekelo kabusha, sibe sisalokhu sikhuluma ngokuphenduka, ukuba umuntu angeyami emisebenzini eyimihibatho efileyo, nangokukholwa kuNkulunkulu

[2]nangemfundiso emayelana nokubhabhadiswa nokubekwa kwezandla nokuvuka kwabafileyo nokwahlulelwa kwaphakade.

[3]Siyoqhubekela phambili sifundise uma iNkosi ivuma.

[4]Ayikho indlela abantu asebehlubukile abangabuye baguqulwe ngayo baphenduke, sebeke bakhanyiselwa nguNkulunkulu. Base bezwa ubumnandi besiphiwo esivela ezulwini, bamukela uMoya oyiNgcwele.

[5]Balinambitha balizwa limnandi izwi likaNkulunkulu, bawabona namandla ezwe elisha elizayo.

[6]Bangebuye baphenduke, ngoba ngokuhlubuka kwabo bayaye bayibethele futhi esiphambanweni iNdodana kaNkulunkulu bayithele ngehlazo emphakathini.

[7]UMvelinqangi uyawubusisa umhlabathi uma usuke umatiswa yimvula, ingene kuwo kumile izitshalo eziphilisa abalimi bawo.

[8]Kodwa uma kulomhlabathi kumila imbuyabathwa nokhula olunameva, awunamsebenzi walutho. Ungahle uqalekiswe nguMvelinqangi bese uphetha ngokubhujiswa ngomlilo.

Isethembiso sikaNkulunkulu simi njalo

[9]Noma sikhuluma kanje bathandekayo, sineqiniso ukuthi niyofikelwa yizinto ezingcono eziphathelene nokusindiswa kwenu.

[10]UMvelinqangi kasiye owahlulela ngokungeyikho ukuba akhohlwe umsebenzi enawenzayo nothando enalukhombisa ngenxa yakhe lapho nisiza abakholwayo.

[11]Nakhu esikunxanele, ukuba yilowo nalowo kinina akubonakalise ngempela lokhokukhuthazela kuze kube sekupheleni, nize nikubone kufezeka lokhu enikubheke ngethemba.

[12]Kasithandi ukuba nivilaphe, kodwa lingisani labo abamukela ifa ababelethenjiswe nguNkulunkulu, belithola ngokukholwa nangokubekezela.

[13]Mhla uNkulunkulu ethembisa uAbhrahama wazifunga yena uqobo, njengoba kwakungekho lutho olukhulu kunaye angalufunga.

[14]Wathi: “Impela ngiyokubusisa uqobo lokukubusisa, ngichumise inzalo yakho ibe ngangotshani bezwe.”

[15]UAbhrahama walinda ngesineke wayesekwemukela ayekwethenjiswe nguNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Abantu bayaye bafunge omkhulu kunabo, isifungo bese siqeda konke
ukuphikisana okukhona.

17Kwathanda yena uNkulunkulu kakhulu ukuba atshengise izindlalifa
zesethembiso, kubakhanyele ukuthi inhloso yakhe ingeguquke. Ngakhoke
wasicilela isethembiso sakhe ngesifungo.

18Nazi izinto ezimbili ezingasoze zaguquka, uNkulunkulu angeqambe amanga
ngazo: isethembiso nesifungo. Ngalezizinto thina esiphephele kuye
siyakhuthazwa kakhulu ukuba sibambelele kulelothemba esikubheke ngalo lokho
esikwethenjisiweyo.

19Lelithemba linjengensika ephase umphefumulo wethu. Liqinile, kanti-ke futhi
ligxilile; lidabula isihenqo sethempeli lasezulwini lize lifike phakathi eNdaweni
eNgcwelengcwele.

20UJesu wasandulela, waba yisigijimi sokuqala esangena lapho, esingenela thina.
Nguye osengumphristi omkhulu ungunaphakade ngokokuma kukaMelkhizedeki.

AmaHebheru 7

Isikhundla sikaMelkhizedeki sobuphristi

1UMelkhizedeki lo wayeyinkosi yaseSalema, umphristi kaMvelinqangi
uSimayedwa. Mhla uAbhrahama ebuyela ekhaya eqeda kunqoba amakhosi amane,
wanqwamana nenkosi uMelkhizedeki yambusisa.

2Wayeseyethulela okweshumi kukho konke ayekuphange empini. Okokuqala,
igama elithi uMelkhizedeki lihunyushwa lithiwe inkosi yokulunga. Njengoba
yayibusa eSalema, igama layo libuye lithi inkosi yokuthula.

3Awuqondakali umlando kayise nonina nendabuko yayo, akwaziwa ngisho
nomlando wokuzalwa nokufa kwayo. InjengeNdodana kaNkulunkulu, iyohlala
ingumphristi ungunaphakade.

4Ake nibone manje ukuthi yayinkulu kangakanani! UAbhrahama ukhokho
wayethulela okweshumi kwamagugu ayewaphange empini.

5Abozalo lukaLevi ababekwa babe ngabaphristi, kuthiwa emthethweni abaqoqe
okweshumi kwabakwaIsrayeli, okusho ukuthi abakuthathe kubafowabo, noma
nabo bengabozalo luka-Abhrahama.

6Inkosi uMelkhizedeki yayingeyona eyozalo lukaLevi, kodwa yathatha okweshumi
kuAbhrahama. Yayisimbusisa lowo owayethenjiswe nguNkulunkulu.

7Akunakuphikwa ukuthi lowo obusisayo mkhulu kunalowo obusiswayo.

8Labababaphristi abaqoqa okweshumi lapha, ngabantu okuhamba kuhambe bafe,
kodwa lowaya uphila njalo, njengoba efakazelwa ngumbhalo ongcwele.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Kanti-ke futhi naye uLevi okunguye oqoqa okweshumi, kungathiwa kwathathwa okweshumi kuye mhla uAbhrahama ekukhokhayo.

10Ngoba uLevi wayevele ekhona embewini kakhokho wakhe mzukwana ehlangatshezwa uMelkhizedeki.

11Isizwe sakwaIsrayeli sanikwa umthetho kaNkulunkulu. Isisekelo okwakuzinde kuso lomthetho, kwakuyisikhundla sobuphristi esasiphethwe ngabaLevi. Ukuba lesisikhundla sobuphristi besiyisikhundla esiphelele ncimishi, kwakudingeke ngani ukuba kuvele omunye umphristi ngokokuma kukaMelkhizedeki, kungeyikho okuka-Aroni na?

12Ngoba uma ubuphristi buguqulwa, kuyadingeka ukuba nomthetho uguqulwe.

13Lowo okukhulunywa ngaye lapha ungowomunye umndeni ongakaze ube namuntu kuwo okhonza elathini.

14Ngoba kuyazeka ukuthi iNkosi yethu ivela emndenini wakwaJuda, nalapho uMose ekhuluma ngabaphristi akazange asho lutho ngawo.

15Ngakhoke lendaba ichacha ngokusobala lapho sekuvele omunye umphristi owehlukile onjengoMelkhizedeki.

16Wabekwa-ke waba ngumphristi, kungengesimiso somthetho othi makabe ngowozalo oluthize lapha emhlabeni, kodwa wabekwa kulesisikhundla ngenxa yamandla okuphila kwakhe okungabhubhiyo.

17Ngoba umbhalo ongcwele ufakaza ngaye uthi: “Wena ungumphristi kwaphakade ngokokuma kukaMelkhizedeki.”

18Isimiso sakuqala sase siyachithwa-ke ngesizathu sokuthi siyaxegaxega, asisenamkhuba walutho.

19Phela umthetho kaMose kawuphelelisanga lutho. Kepha manje, sinikwa ithemba elingcono esikwazi ukusondela kuNkulunkulu ngalo.

20Kanti-ke futhi, nokubekwa kwakhe kwaqiniswa nguNkulunkulu ngesifungo. Abanye babekwa baba ngabaphristi kungafungwanga.

21Kodwa uJesu wabekwa kulesisikhundla ngesifungo salowo owathi kuye: “USimakade wafunga wagomela, akasoze asihoxisa isethembiso sakhe, wathi: ‘Wena ungumphristi kwaphakade.’ ”

22Sibona ngakho lokho ukuthi singcono kakhulu isivumelwano lesi esimi ngoJesu.

23Okunye-ke futhi ukuthi labababaphristi babenqwabelana baze babe baningi bebekwa, kodwa bengenakuhlala esikhundleni ngoba babecekwa ukufa.

24Kodwa lomphristi onguJesu uphila ungunaphakade; isikhundla sakhe ngeke sadluliselwa komunye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Ngakhoke uyakwazi ukubasindisa ngokupheleleyo labo abeza kuNkulunkulu
bengena ngaye, ngoba uhlala njalo ebanxusela kuNkulunkulu.

26Nguye kanye umphristi omkhulu onjengalona owayesifanele thina. Yena-ke
ungcwele, akanasici sasono, wehlukanisiwe ezonini, waphakanyiswa walengama
lonke elaphezulu.

27Akafani nabanye abaphristi abakhulu; akudingekile ukuba mihla namalanga
alokhu eqalisa ngokwethula umhlatshelo wezono zakhe, kandukuba akwenzele
abantu. Wethula umhlatshelo kwaba kanye, mhla ezidela ukuphila kwakhe.

28Umthetho kaMose ubeka abantu ababuthakathaka babe ngabaphristi abakhulu;
kodwa uNkulunkulu wabeka iNdodana yaba ngumphristi opheleleyo
ungunaphakade, wakwenza ngesethembiso esaqiniswa ngesifungo esenziwa
umthetho usukhona.

AmaHebheru 8

Umphristi omkhulu wesivumelwano esisha

1Ingqikithi yalokho esikushoyo, ukuthi sinomphristi omkhulu ohlala
ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi bukaNkulunkulu wakoMkhulu
kweliphezulu.

2Lomphristi omkhulu wenza umsebenzi wakhe kuleyondlu engcwele eyidokodo
langempela lesivumelwano sikaNkulunkulu, elingamiswanga muntu kodwa
lamiswa yiNkosi uSomandla.

3Yilowo nalowomphristi omkhulu ubekelwe ukuba ethule kuNkulunkulu
iminikelo nemihlatshelo. Ngakhoke kwakudingeka ukuba naye lomphristi wethu
omkhulu abe notho azolwethula.

4Ukuba wayesemhlabeni, wayengeke neze abe ngumphristi, ngoba bakhona
abaphristi abethula iminikelo ngokomthetho kaMose.

5Lababaphristi bakhonza endlini engcwele engumfanekiso nje olufifi wendlu
engcwele yasezulwini. Ngenkathi uMose esezokwakha idokodo lesivumelwano,
uNkulunkulu wamlayeza wathi: “Qikelela ukuba konke ukufuzise umfanekiso
engakutshengisa wona entabeni! ”

6Kodwa manje uJesu ubekiwe waba ngumphristi onesikhundla esiphakemeyo
esedlula esabo, njengoba engummeli wesivumelwano esingcono;
lesisivumelwano sakhelwe phezu kwezethembiso eziyisisekelo esingcono.

7Ukuba kwakungekho okusolekayo esivumelwaneni sokuqala, ngempela
sasingayikudingeka esesibili.

8Kodwa uNkulunkulu uyasisola isizwe sakhe usho ngomlomo womphrofethi uthi:
“USimakade uthi: ‘Niyabona, ziyeza izinsuku lapho ngiyomisa isivumelwano
esisha nendlu kaIsrayeli nendlu kaJuda,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9singabi njengalesosivumelwano engasenza nokhokho babo mhla ngibabamba ngibahola ngengalo ngibakhipha ezweni laseGibhithe. Kabasigcinanga isivumelwano sami, ngakhoke ngabafulathela.

10Yilesi isivumelwano engiyosenza nendlu kaIsrayeli ezinsukwini ezizayo: Izingqondo zabo ziyobuswa yimithetho yami, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami.

11Ngeke sisaba khona isidingo sokuba izakhamuzi zifundisane, kumbe umuntu athi kumfowabo: Kuhle ukuba umazi uSimakade! Ngoba bonke bayongazi kusukela kubantukazana babo kuze kufike ezikhulwini.

12Ngoba ngiyobenzela umusa, ngibathethelele izono zabo, icala labo abalenzileyo ngeke ngibuye ngilikhumbule.’ ”

13Njengoba uNkulunkulu ekhuluma ngesivumelwano esisha, kukhomba ukuthi esokuqala sesisidala asisenamkhuba; phela into endala iguga iphele ibisishabalala.

AmaHebheru 9

Ithempeli lasemhlabeni nelasezulwini

1Ngisho nesivumelwano sokuqala imbala sasinemitheshwana okwakuqhutshwa ngayo enkonzweni yasethempelini, kukhona futhi nendlu engcwele eyayakhiwe ngabantu lapha emhlabeni.

2Kwakumiswe idokodo lesivumelwano. Engxenyeni yalo yokuqala uma ungena kwakukhona uthi lwezibani netafula elinezinkwa ezazethulwe kuNkulunkulu; lendawo yayaziwa ngokuthi yiNdawo eNgcwele.

3Emsamo ngale kwendwangu eyisihenqo sesibili kwakuyindawo eyayaziwa ngokuthi iNgcwelengcwele.

4Kulendawo kwakukhona ilathi legolide okwakushiselwa kulo impepho, kwakukhona futhi nomphongolo wesivumelwano owawugudulwe ngegolide nxazonke. Phakathi kuwo kwakukhwezwe ukhamba olubunjwe ngegolide olwaluqukethe imana. Kwakugcinwa kuwo nenduku ka-Aroni eyake yahluma amaqabunga, nezibhebhe ezimbili zamatshe okulotshwe kuzo imiyalo yesivumelwano.

5Ngaphezu komphongolo wesivumelwano kwakumi amasherabhu abunjwe ngegolide abonisa ubukhona bobukhosi bukaNkulunkulu; amaphiko awo ayeyengamele lendawo yokuhlawulela izono. Kodwa-ke manje akulona ithuba lokuba sikuchaze konke ngononina.

6Zazihleleke kanjalo-ke zonke lezizinto. Abaphristi bajinge bengena njalo engxenyeni yokuqala yedokodo bagcine umsebenzi wabo wokukhonza.

7Kodwa kuleyongxenye yesibili esemsamo kuyaye kungene umphristi omkhulu kuphela, kanye nje ngonyaka. Uyaye angene ephethe igazi lesilwane, afike alethule

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

kuNkulunkulu, anikele ezakhe izono nezabantu abazenza bengaqondi ukuthi bayona.

8Ngalokhu-ke uMoya oyiNgcwele usifundisa ngokusobala ukuthi indlela eya eNdaweni eNgcwelengcwele ayikavuleki uma kusekhona lengxenye yokuqala yedokodo.

9Ingumfanekiso okhomba isikhathi samanje, lapho iminikelo nemihlatshelo eyethulwayo ingekhulule ngokupheleleyo unembeza walowo onikelayo.

10Zonke-ke lezizinto ziphathelene nokudla nokuphuza nezinhlobo ezehlukeneyo zokuhlambulula. Konke lokhu kuyizimiso eziphathelene nokomzimba, zibekelwe abantu kuze kufike isikhathi sohlelo olusha olungcono.

11Kepha uKristu usefikile ungumphristi omkulu osilethele izibusiso osekungezethu manje. Indlu engcwele akhonzela kuyo ingcono yedlulele ngokuma kwayo kunedokodo lesivumelwano, iphelele ncimishi, kayakhiwanga ngezandla zabantu, okusho ukuthi kakuyona eyalomhlaba odaliweyo. Wadabula kuyo,

12wangena kwaba kanye kuphela eNdaweni eNgcwelengcwele. Wangena engaphethe gazi lambuzi nathole ukuba alethule libe ngumhlatshelo, kodwa wanikela ngegazi lakhe uqobo, wasizuzela ukuhlengwa kwaphakade.

13Igazi lezimbuzi nezinkunzi kanye nomlotha wesithole esishisiweyo kuyaye kufafazwe kubantu abangahlanzekile, bese kubahlambulula bahlanzeke ngokomzimba.

14Njengoba lokhu kuyiqiniso, igazi likaKristu liyosihlanza kakhulu kangakanani kunalokho! NgoMoya oyiNgcwele ongunaphakade wazethula yena uqobo kuNkulunkulu, waba ngumhlatshelo ongenasici. Igazi lakhe liyowuhlanza unembeza wethu ukuba singeyami emisebenzini eyimihibatho efileyo, kodwa sikhonze uNkulunkulu ophilayo.

15Ngakhoke sisha lesisivumelwano uKristu angumlamuli kuso. Ngokufa kwakhe wahlawulela izono ekade zenziwa ngenkathi kusemi isivumelwano esidala, ukuze abantu ababizile uNkulunkulu badle ifa laphakade abethembise lona.

16Uma umuntu eseyibhalile incwadi yefa, kudingekile ukuba kube khona ubufakazi bokuthi sewafa owayilobayo.

17Okulotshwe kuyo kusebenza kuphela uma esefile owayilobayo; ayisho lutho leyoncwadi uma esadla amabele.

18Ngalokho-ke ngisho nesivumelwano esidala asimiswanga kungachithwanga gazi.

19UMose waqala ngokumemezela kuso sonke isizwe, esitshela ngayo yonke imiyalo njengoba ilotshiwe emthethweni. Wayesethatha igazi lamathole nelezimbuzi, walixuba namanzi, wathatha uboya bemvu obububende negatsha

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

lehisophe, wakugcobhoza egazini, wachela ngalo umqulu womthetho nabantu bonke.

20Wathi: “Lokhu kuyigazi eliqinisa isivumelwano uNkulunkulu animisele sona.”

21Kanjalo futhi walifafaza ngegazi idokodo lesivumelwano kanye nakho konke okusetshenziswa enkonzweni.

22Empeleni, umthetho ufuna ukuba cishe zonke izinto zihlanzwe ngegazi, yebo, ngaphandle kokuba kuchithwe igazi akukho kuthethelelwa.

Ukuzinikela kukaKristu kususa izono

23Ngakhoke, kwakudingekile ukuba zonke izinto eziyimifanekiso yalokho okusezulwini zihlanzwe ngalendlela. Kodwa-ke izinto zangempela ezikweliphezulu zidinga imihlatshelo engcono kunaleyo.

24Ngoba uKristu akangenanga endlini engcwele eyakhiwe ngezandla zabantu engumfanekiso nje waleyo okuyiyona yempela. Kepha wangena ezulwini uqobo lwalo, ukuba amele thina manje phambi kukaNkulunkulu.

25Kuyaye kuthi minyaka yonke umphristi omkhulu angene eNdaweni eNgcwelengcwele, ephethe igazi lesilwane, okusho ukuthi yigazi elingesilo elakhe. Kodwa-ke uKristu akazenzanga umhlatshelo kaningi,

26ngoba ukuba kwakunjalo, kwakumele ahlupheke kaningi yilokhu kwadalwa umhlaba. Kunalokho, manje njengoba izinsuku zomhlaba seziya ekupheleni, ubonakalisiwe kanye nje kuphela, ukuba ngokuzinikela kwakhe asuse izono zethu.

27Umuntu ufa kube kanye nje, abesehlulelwa nguNkulunkulu.

28Ngakhoke uKristu wanikelwa kanye kuphela, ukuba asuse izono zabantu abaningi. Uyobuye abonakale ngokwesibili, engasezile ngokuzothwala izono zabantu kodwa esezosindisa labo abamlindele ngabomvu.

AmaHebheru 10

1Umthetho uyizalinga nje zezibusiso ezizayo, kawusiwo umfanekiso esingaphawula kuwo izinto njengoba zinjalo ngempela. Iminyaka ngeminyaka kulokhu kwethulwa imihlatshelo, kodwa umthetho awunamandla okubaphelelisa ngayo lababantu abayethulayo.

2Ukuba kwakunjalo, ngabe kabayekanga yini ukuyethula na? Phela abakhonzayo babengeke babe nonembeza wecala uma sebehlanjululwe kwakanye ezonweni.

3Kanti lemihlatshelo ilokhu ikhumbuza abantu iminyaka ngeminyaka ngezono zabo.

4Ngoba igazi lezinkunzi nezimbuzi lingezisuse neze izono zomuntu.

5Ngakhoke, mhla uKristu eza emhlabeni uthi: “Awufunanga mihlatshelo naminikelo; ungilungisele umzimba wami ukuba nginikele ngawo;

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6awuthokozelanga mihlatshelo eshiswayo naminikelo ehlawulela izono.

7Bese ngiphendula ngithi: ‘Nakhu ngilapha, Nkulunkulu, ngize ukuba ngenze intando yakho, njengalokhu kulotshwe ngami emqulwini wencwadi yomthetho.’ ”

8Okokuqala uthi: “Awufunanga mihlatshelo naminikelo, ngisho neshiswayo nehlawulela izono, kanti futhi awuthokozi ngayo.” Uyakusho lokho yize umthetho uthi makunikelwe ngayo.

9Abesethi: “Nakhu ngilapha, ngize ukuba ngenze intando yakho.” Ngakhoke ugudluza iminikelo yakuqala, esikhundleni sayo abeke omunye umnikelo.

10Ngoba uJesu Kristu wayenza intando kaNkulunkulu, wanikela ngomzimba wakhe uqobo kwakanye kuphela, ngakhoke sesingcwelisiwe sagezwa izono zethu.

11Yilowo nalowomphristi uyaye aye elathini imihla ngemihla afike aphathe inkonzo. Uyaye aphindaphinde leyominikelo efanayo engeke isuse izono.

12Kepha uKristu wawethula umhlatshelo owodwa ngenxa yezono, wayesehamba wahlala unomphela ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

13Lapho-ke ulindele ukuba izitha zakhe zinqotshwe zithele kuye.

14Ngoba ngomhlatshelo owodwa zwi ubenze baba ngabapheleleyo phakade labo ayaye abangcwelise abahlambulule ezonweni.

15UMoya oyiNgcwele nawo uyakufakaza kithi lokhu. Uqale wathi:

16“USimakade uthi: ‘Yilesi isivumelwano engiyosenza nalababantu ezinsukwini ezizayo: Izingqondo zabo ziyobuswa yimithetho yami, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo.’ ”

17Uqhubeka uthi: “Ngeke ngibuye ngilikhumbule icala labo abalenzileyo nemikhuba emibi abayigilayo.”

18Lapho sezithethelelwe izono, awusadingeki neze umhlatshelo wokuhlawulela isono.

Asisondele kuNkulunkulu

19Ngakhoke bazalwane sineqholo, ngoba siyazi ukuthi sinelungelo lokungena eNdaweni eNgcwelengcwele ngenxa yegazi likaJesu.

20Ngokudabula isihenqo, kusho ukuthi ngokunikela ngomzimba wakhe, wasivulela indlela entsha nephilayo yokuba singene.

21Phela sinomphristi ophakanyisiwe waba mkhulu obheke indlu kaNkulunkulu.

22Ngakhoke asisondele kuNkulunkulu ngenhliziyo eqotho, sikholwa ngempela singangabazi. Sisondele kuye, izinhliziyo zethu zifafaziwe sahlanjululwa ukuba singabe sisalahlwa ngunembeza wethu, nemizimba yethu yagezwa ngamanzi ahlanzekileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Ngakhoke asibambelele sithi ngqi kulelothemba esilivumayo ngesivumo sethu sokholo, ngoba uthembekile uNkulunkulu, uyosifeza isethembiso sakhe.

24Asinakekelane sikhuthazane ukuba sithande, senze imisebenzi emihle.

25Kukhona abanye abajwayele ukuphutha ezinkonzweni zebandla, asingabalingisi labo; kunalokho asikhuthazane ukuba siye ezinkonzweni, ikakhulu njengoba nibona ukuthi usuku lokubuya kweNkosi uJesu luya ngokusondela.

26Ngoba akusekho mhlatshelo ongahlawulela izono zethu uma siqhubeka nokona ngamabomu emuva kokuba sesilazi iqiniso.

27Kunalokho, sekusele nje ukuba silindele ngovalo ukwahlulelwa ngomhla wokuphela, nomlilo omkhulu oyobhubhisa bonke abamelene noMvelinqangi.

28Uma umuntu edelela umthetho kaMose, kuthiwa akangahawukelwa, kodwa abulawe uma elahlwa yicala linobufakazi babantu ababili noma abathathu.

29Ufanele ukujeziswa kanzima kakhulu kunalokho umuntu obukela phansi iNdodana kaNkulunkulu, athi lingcolile igazi lesivumelwano, lelogazi ahlanjululwa ngalo, ahlambalaze uMoya oyiNgcwele omenzele umusa.

30Ngoba siyamazi lowo owathi: “Yimi enginelungelo lokujezisa; kuyophindisa mina.” Wabuye wathi: “USimakade uyobahlulela abantu bakhe.”

31Kuyinto esabekayo ukunikelwa esandleni esijezisayo sikaNkulunkulu ophilayo.

32Khumbulani izinsuku esezadlula! Kwathi lapho senikwemukele ukukhanya kukaNkulunkulu, naqinisela emzukuzukwini wezinhlupheko ezinkulu.

33Kwesinye isikhathi babeyaye babukise ngani phambi kwabantu banithuke banihluphe; kwesinye isikhathi nizibandakanye nababehlushwa kanje.

34Nakanjalo futhi nanibezwela umunyu ababeboshiwe; nalapho naphucwa impahla yenu ngendluzula nikubekezelela lokho ngenhliziyo emhlophe ngoba nanazi ukuthi vele nilondelwe impahla engcono kunaleyo, impahla eyohlala ungunaphakade.

35Ngakhoke nize ningalilahli ithemba, kodwa yibani nesibindi, yikhona niyothola umvuzo omkhulu.

36Kudingeka ukuba nibekezele yikhona nizokwenza intando kaNkulunkulu, namukele anethembise khona.

37Ngoba umbhalo ongcwele uthi: “Kusazoba yisikhashana nje, abesefika lowo ozayo angalibali.

38Ngokuba olungileyo wami uyophila ngokukholwa kwakhe, kodwa uma ehlehla ekukholweni angisayikumthakasela.”

39Kepha thina asiyibo abahlehla ekukholweni babhubhe, kodwa siyilabo abakholwayo basindiswe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHebheru 11

Ukukholwa

[1]Ukukholwa kungukuba neqiniso ngalokho okubhekwe ngethemba, kuqinisa ngalezozinto ezingebonwe ngamehlo.

[2]Kwakungukukholwa kwabo okwenza ukuba uNkulunkulu abancome okhokho basendulo.

[3]Ngokukholwa sambulelwa ukuthi umhlaba nakho konke okukhona kwadalwa ngezwi elaphuma kuMvelinqangi, nokuthi lokhu okubonwayo akudalwanga ngezinto ezibonwa ngamehlo.

[4]Ngokukholwa uAbela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo owedlula okaKhayini. Ngenxa yokukholwa kwakhe ufakazelwa kuthiwe ungumuntu olungileyo. UNkulunkulu uqobo wazithakasela izipho azethulayo. Noma uAbela esafa kodwa ukukholwa kwakhe kusakhuluma.

[5]Ngenxa yokukholwa uEnokhi wasuswa kulomhlaba nguNkulunkulu, ukuze angadluli ekufeni. Kabange esabonwa muntu ngoba uNkulunkulu wayesemthathile. Umbhalo ongcwele usamfakazela ukuthi engakathathwa wayengumuntu othakaselwa nguNkulunkulu.

[6]Kodwa umuntu ongakholwayo angemjabulise uNkulunkulu, ngoba osondela kuNkulunkulu, kumele akholwe ukuthi ukhona nokuthi uyabavuza labo abamfunayo.

[7]Ngokukholwa uNowa walalela lapho uNkulunkulu emvusa ngalezozigigaba ezazizokwenzeka esikhathini esizayo. Njengoba wayengumuntu owesaba uNkulunkulu, wakha umkhumbi ukuze aphephe nomuzi wakhe. Ukukholwa kwakhe yikhona okwalahla umhlaba, wayesabelwa ifa elingukulunga okutholakala ngokukholwa.

[8]Ngokukholwa uAbhrahama walalela mhla uNkulunkulu embiza ukuba athuthele ezweni ayomabela lona libe yifa lakhe. Walishiya izwe lakubo, wahamba engazi ukuthi ulibhekisaphi.

[9]Ngokukholwa wahlala kulelozwe elithenjisiweyo elokhu eyisihambi kulo. Wahlala emadlangaleni. Benze njalo noIsaka noJakobe ababeyizindlalifa kanye naye zalokho uNkulunkulu ayekwethembisile.

[10]Ngoba uAbhrahama wayelokhu elindele lowomuzi owaklanywa wakhiwa nguNkulunkulu uqobo okuyiwona oyinxuluma lasezulwini elinezisekelo eziyisimbelambela.

[11]Ngokukholwa uAbhrahama wakwazi ukuba azale, noma wayesegugile impela, kanti noSara umkakhe wayeyinyumba. Phela uAbhrahama wabambelela ekutheni uNkulunkulu uthembekile uyokufeza ayekwethembisile.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Noma wayesenjengomuntu osewafa, kodwa ngaye yedwa nje zwi kwavela izizukulwane eziningi eziwulibo lwakhe, abantu abangangezinkanyezi esibhakabhakeni, bengangezihlabathi zolwandle ezingenakubalwa.

13Bonke-ke laba bafa bebambelele ekukholweni. Kabakwemukeliswanga ababekwethenjisiwe, kepha bakubona bathokoza ngakho kusekude nabo. Bakuveza ngokusobala ukuthi bangabafokazi nezihambi kulomhlaba.

14Abantu abakhuluma ngalendlela bayakhombisa ukuthi bahamba befuna izwe okungelabo.

15Ukuba babelokhu becabanga ngalelozwe abase bephume kulo, babeyoba nethuba lokuphindela kulo.

16Kunalokho, babelangazelele izwe elingcono elingelasezulwini. Ngakhoke uNkulunkulu akanamahloni okubizwa ngoNkulunkulu wabo, ngoba ubalungisele inxuluma.

17Ngokukholwa uAbhrahama wanikela ngendodana yakhe uIsaka yaba ngumhlatshelo mhla evivinywa nguNkulunkulu. Wancama khona ukunikela ngendodana yakhe okwakungukuphela kwayo, yena loAbhrahama okwakukade kwenziwe kuye izethembiso

18nokwathiwa kuye: “Inzalo yakho iyovela ngoIsaka.”

19Wabambelela ekutheni uNkulunkulu unamandla okuvusa ekufeni, empeleni singalinganisa sithi wabuye wayithola futhi indodana yakhe isibuya ekufeni,

20Ngokukholwa uIsaka wabusisa uJakobe noEsawu ekhuluma ngezinto ezazizobehlela.

21Ngokukholwa uJakobe engakafi wabusisa amadodana kaJosefa ngayinye. Wazimelela ngodondolo lwakhe ayeluphethe, wakhuleka kuNkulunkulu.

22Ngokukholwa uJosefa esezokufa wakhuluma ngokufuduka kwesizwe sakwaIsrayeli ezweni laseGibhithe, walayeza ngamathambo akhe.

23Ngokukholwa abazali bengane uMose bayithukusa izinyanga ezintathu, ngoba babona ukuthi ilusana olubukekayo, kabawesabanga umyalo wenkosi yaseGibhithe.

24Ngokukholwa uMose esekhulile wenqaba ukubizwa ngelendodana yendodakazi kaFaro.

25Wancama khona ukuba ahlupheke kanye nabantu bakaNkulunkulu kunokuba azitike ngesono isikhashana.

26Wayethi ukuthukwa ngenxa kaMesiya kuyingcebo enkulu kunamagugu aseGibhithe. Phela wayemagange ebheke umvuzo ayezowuthola.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

27Ngokukholwa walishiya elaseGibhithe engalwesabi ulaka lwenkosi uFaro. Wayebekezela kube sengathi uyambona ongabonwayo.

28Ngokukholwa walayeza mayelana nomkhosi wePhasika nokubhecwa kweminyango ngegazi ukuba ingilosi eyayizobhubhisa amazibulo ingawathinti neze awamaIsrayeli.

29Ngokukholwa abakwaIsrayeli bawela uLwandle oluBomvu, kwaba sengathi banyathela emhlabathini owomileyo. Kuthe lapho amaGibhithe ethi nawo enza leso, aminza.

30Ngenxa yokukholwa kwadilika izingange zaseJerikho emuva kokuba sezizungezwe ngamaIsrayeli isithuba sezinsuku eziyisikhombisa.

31Ngenxa yokukholwa uRahabhu unondindwa kabhubhanga kanye nabangamlaleli uNkulunkulu, ngoba wazemukela kahle izinhloli zamaIsrayeli.

32Ngingaqhubeka ngithini? Ngeke singanele isikhathi uma ngizolanda ngoGidiyoni noBharakhi noSamsoni noJafta noDavide noSamuweli kanye nabaphrofethi.

33Ngokukholwa balwa baguqisa imibuso yamazwe ngamazwe, baphatha ngobuqotho, bakwemukela ababekwethenjiswe nguNkulunkulu. Bavala imilomo yezingonyama,

34bacima imililo eyesabekayo, basinda ebukhalini benkemba. Ebuthakathakeni bathola amandla, baba yiziqhwaga empini, banqoba izimpi zabafo ababelwa nabo.

35Ngokukholwa abesifazane babuye babuyiselwa izihlobo zabo sezivusiwe ekufeni. Abanye bezwiswa ubuhlungu baze bafa bengancenge kukhululwa, ukuze mhla wokuvuka bavukele ekuphileni okungcono.

36Abanye badlula ekujivazweni babhaxabulwa, abanye baboshwa ngamaketango bagqunywa ejele.

37Abanye bakhandwa ngamatshe, abanye-ke bajuqulwa izinqamu ngesaha, abanye babulawa ngenkemba. Babehamba bembethe izikhumba zezimvu nezezimbuzi bebuswezi behlushwa bephathwa kabi.

38Lomhlaba wawungabafanele lababantu. Babeyaye bazulazule ehlane nasezintabeni, belokhu bephuma bengena imihume nemigodi ephansi emhlabathini.

39Bonke laba bakhulunyelwa kahle ngokukholwa kwabo. Ababe kodwa besakwemukela ababekwethenjisiwe,

40ngoba uNkulunkulu wayevele thina esesicabangele isu elingcono. Lelisu lakhe ngelokuthi, kabaphelele singekho thina.

AmaHebheru 12

Ukujezisa kukaSimakade

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Thina-ke sinaloluquqaba lofakazi abasihaqileyo. Ngakhoke asikushiye phansi konke okusithiyayo, sahlukane nesono futhi esithiyeka kalula kuso, siphikelele ngesineke kulomncintiswano wejubane esiwungeneleyo.

[2]Amehlo ethu awanamathele kuJesu umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu. Nguye okuthe ngenxa yalokhokuthokoza okwakumlindele wabekezelela ukubethelwa esiphambanweni, akakushaya mkhuba ukuhlazeka ngokufa okunjalo. Manje-ke usehlezi ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi bukaNkulunkulu.

[3]Zindlani ngalowo owabekezela izoni zimphikisa kangaka, ukuze izinhliziyo zenu zingadangali ziphelelwe yithemba.

[4]Ngoba ekulweni kwenu nesono anikamelani naso kuze kuchithwe igazi lenu nife.

[5]Seniwalibele amazwi anikhuthazayo ashiwo nguNkulunkulu kini njengoba ningamadodana kuthiwa: “Ndodana yami, ungakwedeleli ukujezisa kukaSimakade, ungapheli amandla nxa ekukhuza,

[6]ngoba uSimakade ushaya lowo amthandayo, ajezise leyo naleyondodana ayithandayo.”

[7]Ubunzima enibubekezelelayo buyiyona ndlela enilungiswa ngayo nguYihlo; uNkulunkulu uniphathisa okwamadodana. Yake yakhona yini indodana engazange ijeziswe nguyise na?

[8]Uma uNkulunkulu enganijezisi njengalokhu ebajezisa bonke, kusho ukuthi aniyiwo amadodana akhe, ningamavezandlebe.

[9]Futhi-ke obaba abasizalayo bayaye basikhuze bese sibahlonipha. Akusifanele yini kakhulu kunalokho ukuba sithobele uBaba wokomoya ukuze siphile na?

[10]Obaba abasizalayo kambe babesijezisa okwesikhashana njengoba bebona kubafanele, kodwa uNkulunkulu usijezisa ukuze sisizakale, sihlanganyele naye ebungcweleni bakhe.

[11]Uma sijeziswa kuyaye kubukeke ngalesosikhathi sengathi ukujeziswa kwethu kuyinto engathokozisi kodwa eletha usizi. Kodwa-ke emuva kwalokho, labo abalungiswe kanjalo bayovuna umvuzo ongukuthula nokulunga.

Akangabikho olahlekelwa ngumusa kaNkulunkulu

[12]Aziqine izingalo zenu eziyekethileyo namadolo enu axegezelayo!

[13]Hlelembelani izinyawo zenu imikhondo eqondileyo, ukuze abaqhugayo bangabhinyiki kodwa balulame.

[14]Zamani ukuhlalisana ngokuthula nabantu bonke ningcweliswe, ngoba yilowo nalowo ongangcweliswanga akanakuyibona iNkosi uJesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Qaphelani kungabikho muntu osilelayo aze alahlekelwe ngumusa kaNkulunkulu, hleze kumile isithombo esinobuthi obubulalayo, sonakalise umoya wabantu abaningi.

16Qikelelani kungabi bikho muntu ophingayo kumbe abe ngumuntu oweyisa uNkulunkulu njengoEsawu okwathi angalamba wathengisa ngelungelo lobuzibulo bakhe ukuba athole ayezokudla ngaso lesosikhathi.

17Niyazi ukuthi kamuva wakhalela ifa lakhe lesibusiso, kodwa uyise wenqaba engasenakuguquka kulokho ayesekushilo yize noma uEsawu wayesemncenga ekhala ezimathonsi.

18Nina-ke aniyanga entabeni eningayiphatha ngesandla, intaba egqamuka amalangabi. Aniyanga nasebumnyameni nasesigayegayeni nasesivunguvungwini

19nalapho kukhala khona icilongo kukhuluma khona izwi. Kwathi lapho abantu bakwaIsrayeli belizwa lelizwi likhuluma, banxusa ukuba lingabe lisakhuluma kubo,

20ngoba babengenakukumela elalikusho lithi: “Ngisho noma ngabe yisilwane esithinta lentaba, asikhandwe ngamatshe sibulawe.”

21Lowomhlola owabonakalayo wawesabeka kabi ngangoba uMose waze wathi: “Ngiphethwe yingebhe ngiyathuthumela.”

22Kodwa nina niye entabeni iZiyoni naseJerusalema lasezulwini, inxuluma likaNkulunkulu ophilayo. Nize lapho kukhona khona izigidi zezingilosi nalapho kubuthene khona ngokujabula

23ibandla lamazibulo abhalisiwe emqingweni wasezulwini. Yebo, nize kuNkulunkulu umahluleli wabantu bonke. Nize nakuyo imimoya yalababantu abalungileyo abapheleliswe ngempela.

24Nize nakuJesu ongummeli wesivumelwano esisha, isivumelwano sokufafazwa ngegazi lakhe elenza umsebenzi omkhulu kunegazi lika-Abela.

25Qaphelani-ke ukuba ningamqhubukushi oshumayelayo. Kabaphephanga lababantu abebeqhubukusha lowo owayebashumayeza intando kaNkulunkulu lapha emhlabeni. Pho, thina siyophepha kanjani uma sivala izindlebe singamlaleli lowo okhuluma kithi esezulwini na?

26Ngalesosikhathi izwi lakhe lazamazamisa umhlaba, kodwa manje usethembise wathi: “Ngiyobuye ngizamazamise kungabi ngumhlaba nje kuphela kodwa ngizamazamise nezulu imbala.”

27Lelizwi lokuthi “ngiyobuye” likhomba ngokusobala ukuthi lokho okudaliweyo kuyozanyazanyiswa kugudluke ezindaweni zakho ukuze lokhu okungenakuzanyazanyiswa kusale kumi kuthe zime.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Ngakhoke, njengoba sinikwa umbuso ongenakuzanyazanyiswa, kuhle sibonge. Asimkhonze uNkulunkulu ngendlela ayithakaselayo, simhloniphe simesabe!

29Ngoba uNkulunkulu wethu ungumlilo oshaya uqothule.

AmaHebheru 13

Ukumkhonza uNkulunkulu ngendlela emthokozisayo

1Ukuthandana kwabazalwane akuvuthe njalo.

2Nize ningakulibali ukwemukela kahle izihambi emakhaya enu, ngoba sebake bakwenza abanye, bangenisa izingilosi bengazelele.

3Khumbulani ababoshiweyo, kube sengathi nani niboshiwe kanye nabo. Nize nibazwele abaphethwe kabi, kube sengathi kuhlushwa nina uqobo.

4Isimiso sokuganana asihlonishwe kukho konke nocansi lwabaganeneyo luze lungangcoliswa ngamanyala, ngoba uMvelinqangi uyokwahlulela abenza amanyala obufebe nabaphingayo.

5Ningaziphathi okwabantu abakhonze imali, kodwa yeneliswani ngeninakho, ngoba uNkulunkulu wathi: “Angisoze ngakushiya wedwa; angisoze ngakulahla.”

6Ngakhoke lokhu sikusho ngonoqhakala sithi: “USimakade ungumsizi wami angesabi, owasemhlabeni angangenzani na? ”

7Khumbulani labo ababengabaholi benu, ababenishumayeza izwi likaNkulunkulu. Nikhumbule ukuthi babephila kanjani nokuthi isiphetho sempilo yabo saba njani, bese nibalingisa ukukholwa kwabo.

8UJesu Kristu unguye namuhla lowo abenguye izolo nayoba nguye naphakade.

9Nize ningadukiswa yizifundiso ezingaziwayo ezinhlobonhlobo, ngoba kuhle ukuba izinhliziyo zenu ziqiniswe ngomusa eniwenzelwa nguNkulunkulu, kungabi ngokulandela imihibatho ephathelene nokudla. Kayibasizanga ngalutho bonke abayilandelayo.

10Thina sinelathi lomhlatshelo abangenalungelo lokudlela kulo abenkonzo yesivumelwano esidala.

11Umphristi omkhulu uyaye athathe igazi lezilwane aliyise eNdaweni eNgcwelengcwele, afike alethule, libe ngumhlatshelo wokuhlawulela izono, kodwa izidumbu zalezozilwane zishiselwa ngaphandle kwendawo lapho begobe khona amadlangala.

12Kanjalo futhi noJesu wahlushwa, wafela ngaphandle komuzi iJerusalema ukuze angcwelise abantu ngelakhe igazi.

13Ngakhoke asiye kuye ngaphandle komuzi, sifike sithwalisane naye ihlazo alithwalayo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngoba kulomhlaba kasinawo umuzi omi phakade; silindele umuzi ozayo.

15Ngakhoke asibongele njalo kuNkulunkulu, kube yizithelo esinikela ngazo ngoJesu, silidumise igama lakhe ngezindebe zemilomo yethu.

16Nize ningakhohlwa ukwenza okuhle kwabanye nisizane, ngoba iminikelo enjalo uyayithakasela uNkulunkulu.

17Lalelani abaholi benu nibathobele, ngoba bahlala njalo benalusile ngokomoya njengoba phela kumele bamlandise uNkulunkulu ngomsebenzi wabo. Uma nibalalela nibathobela, bayowenza ngenjabulo umsebenzi wabo, uma kungenjalo bayodumala, lokhu-ke akunakunisiza ngalutho.

18Sikhulekeleni! Siyazi impela ukuthi onembeza bethu bahlala bemsulwa, ngoba sithanda ukuphila impilo eqotho kukho konke esikwenzayo.

19Ikakhulu ngicela imikhuleko yenu ukuba ngisheshe ngibuyele kini.

Isibusiso nokuvalelisa

20UNkulunkulu oletha ukuthula, owavusa iNkosi yethu uJesu Kristu wayikhuphula kwabafileyo, yona engumalusi omkhulu wezimvu ngenxa yegazi lesivumelwano esimi phakade,

21akaniphelelise kukho konke okuhle, ukuba nigcine intando yakhe. Akasebenze ezinhliziyweni zethu ukuba senze lokho akuthakaselayo ngenxa kaJesu Kristu. Akadunyiswe phakade naphakade! Ameni.

22Bazalwane, ngiyanincenga ukuba niwamukele ngomoya omuhle lawamagama omlayezo wami, ngoba nginilobele lencwadi ngamafushane.

23Ngithanda ukuba nazi ukuthi umzalwane wethu uThimothi usededelwe ejele. Uma esheshe wafika sengiyokuza naye sizonibona.

24Nize nisibonele kubo bonke abaniphetheyo nakulo lonke ibandla elingcwele! Bayakhonza abazalwane baseNtaliyana.

25Salani nomusa nonke! Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

EkaJakobe

EkaJakobe 1

Isibingelelo

1 Lencwadi ivela kimi uJakobe inceku kaNkulunkulu neyeNkosi uJesu Kristu.
Ngibingelela nina nonke bantu bakaNkulunkulu abahlakazekele ezizweni.

Ukukholwa nokungabaza

2 Kuhle nithokoze bazalwane bami uma nehlelwa yizilingo ngezilingo,

3 ngoba niyazi ukuthi ukuvivinywa kokukholwa kwenu kunifundisa ukuqinisela.

4 Ukuqinisela kwenu akuqhubeke njalo kugcine kube nemiphumela, nilunge
ngempela kukho konke, ningantuli lutho ngokomoya.

5 Uma kukhona omunye wenu oswela inhlakanipho, akayicele kuNkulunkulu.
UNkulunkulu uyomupha yona, ngoba ubapha bonke abantu ngesandla esevayo
engabalisi.

6 Kodwa akacele ekholwa angangabazi, ngoba umuntu ongabazayo ufana
namadlambi olwandle esisitheka evuna isiphepho.

7 Umuntu onjalo akangacabangi ukuthi lukhona utho iNkosi eyomemukelisa lona,

8 ngoba umanqikanqika ulala ephenduka kukho konke akwenzayo.

Ubuphofu nobucebi

9 Umzalwane oyimpofana akabe neqholo njengoba ephakanyiswe nguNkulunkulu,

10 kodwa uma esuke eyisicebi akabe neqholo njengoba efojiswe nguNkulunkulu,
ngoba uyovuthuka ashabalale njengembali yasendle.

11 Ilanga liyaye liphume ngesivuvu salo kubune isithombo, imbali yaso ivuthuke,
ubuhle bayo buphele nya. Kanjalo nomuntu oyisicebi uyoshabalala lapho
esematasatasa emsebenzini wakhe.

Ukulingwa nokuvivinywa

12 Ubusisiwe umuntu oqiniselayo uma evivinywa ngezilingo, ngoba nxa
esephumelele ekuvivinyweni uyoklonyelwa ngomqhele ongukuphila okuphakade
uNkulunkulu awethembise labo abamthandayo.

13 Uma umuntu elingwa akangasho ukuthi ulingwa nguNkulunkulu, ngoba
uNkulunkulu akanakulingwa ngobubi, naye uqobo akalingi muntu.

14 Kodwa yilowo nalowomuntu uyalingeka nxashane eyengwa yizinkanuko
ezisenhliziyweni yakhe.

15 Kunjengokuthi, uma owesifazane ekhulelwe, ugcina ebelethile; ngokunjalo
nezinkanuko ezibusa umuntu ziyakhula enhliziyweni yakhe, zigcine ngokuveza

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

isono. Uma naso sesikhule ngokuphelele, umphumela waso ukuba umuntu afe ngokomoya.

16Nize ningedukiswa muntu bazalwane bami abathandekayo!

17Zonke izipho ezinhle neziphiwo ezilungileyo zivela kweliphezulu. Zehliselwa kithi nguBaba owadala izikhanyiso ezisesibhakabhakeni. Ukukhanya kwakhe akuguquki kufiphazwe ngamathunzi adlulayo.

18Ngokwentando yakhe wasizala kabusha ngezwi lakhe eliyiqiniso ukuba sibe ngabakhe, siyingqalabutho yezidalwa zakhe.

Ukulizwa izwi nokwenza elikushoyo

19Bazalwane bami abathandekayo, nakhu okufanele nikwazi! Yilowo nalowo akasheshe alalele uma kukhulunywa, kodwa angasheshi akhulume; aphuze ukuthukuthela

20ngoba umuntu othukuthelayo angekwenze okulungileyo okufunwa nguNkulunkulu.

21Ngakhoke qhuthululani konke okuyichilo nabo bonke ububi obukhona, nikwamukele ngomoya othobekileyo lokho okushiwo yizwi elitshalwe nguNkulunkulu ezinhliziyweni zenu, ngoba lelizwi linamandla okunisindisa.

22Ningagcini ngokulilalela nje kuphela izwi nilibale ukuzikhohlisa, kepha yenzani elikushoyo.

23Ngoba umuntu ozwa izwi likaNkulunkulu kodwa angakwenzi elikushoyo, ufana nendoda ezibuka esibukweni,

24ithi ingasuka kuso maqede ikhohlwe ukuthi ibibukeka kanjani.

25Kodwa umuntu owuhlolisisayo umthetho opheleleyo, okuyiwo onika inkululeko, abambelele kuwo angabe esakukhohlwa lokho akuzwileyo kodwa akwenze, lowomuntu uyobusiswa yiNkosi kulokho akwenzayo.

26Uma umuntu ethi uyikholwa kepha ebe ehluleka ukubamba ulimi lwakhe, uyazikhohlisa, ukukholwa kwakhe akumsizi ngalutho.

27Ukukholwa okumsulwa okungenasici kuNkulunkulu uBaba yilokhu: ukuba umuntu asize izintandane nabafelokazi ekuhluphekeni kwabo, azilonde angangcoliswa ngokubi kwalomhlaba.

EkaJakobe 2

Ukukhetha abantu nokubandlulula

1Bazalwane bami, njengoba nikholwa eNkosini yethu edumisekayo uJesu Kristu, akufanele ukuba nihlulule abanye.

2Ake kwenzeke kungene emhlanganweni wenu indoda efake indandatho yegolide nezingubo zakwanokusho, kubuye kungene nempofana nezingubo ezixathukayo,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3niphuthuma lomuntu ogqoke ezakwanokusho nithi kuye: “Woza uhlale kulesisihlalo esikahle! ” Bese nithi empofaneni: “Yima lapho wena! ” noma nithi: “Zinza lapha phansi eduze kwami! ”

4Uma nenze njalo kusho ukuthi phakathi kwenu kukhona ubandlululo, nahlulela ngendlela engalungile.

5Lalelani lapha bazalwane bami abathandekayo! UNkulunkulu akabakhethanga yini abampofu emehlweni abantu balomhlaba, ukuba bacebe ngokomoya ngokukholwa kwabo kuKristu, babe yizindlalifa zombuso awethembisa abamthandayo na?

6Kepha nina nibabukela phansi abampofu. Akuyizo yini izicebi ezinicindezelayo zinidonsele esigcawini samacala na?

7Akuyizo yini ezinukubeza leligama elibatshazwayo likaKristu enibizwa ngalo na?

8Impela nenza okufaneleyo uma nigcina umthetho wombuso kaNkulunkulu njengoba ulotshiwe embhalweni ongcwele ukuthi: “Wothanda omunye ngothando ozithanda ngalo! ”

9Kodwa uma nisabandlulula abanye, niyobe niyona, nomthetho unilahle ngecala ngoba ningawugcinanga.

10Uma umuntu egcina wonke umthetho abesephula umyalo ube munye, unecala lokweqa wonke umthetho.

11Ngoba uNkulunkulu owathi: “Ungaphingi! ” wabuye wathi futhi: “Ungabulali! ” Uma ungaphingi kepha ubulala, usuyiseqamthetho.

12Enikukhulumayo nenikwenzayo akube yilokho okufanele abantu abayokwehlulelwa ngomthetho lowo oletha inkululeko.

13Ngoba mhla uMvelinqangi esehlulela, ngeke abenzele isihe abantu ababengenasihe; kodwa abanesihe bangabheka ukwenzelwa isihe mhla sebehlulelwa.

Ukholo olungenamisebenzi emihle kalunamkhuba

14Kusizani bazalwane bami ukuba umuntu athi uyakholwa kodwa abe engayenzi imisebenzi emihle na? Kungamsindisa yini lokhukukholwa kwakhe na?

15Ake ngithi kukhona umzalwane noma udade ohamba ehlonga okokwembatha eswele nokudla okweneleyo,

16omunye wenu abesethi kuye: “Hamba kahle ungagodoli ulambe, kodwa dlana usuthe! ” Lokhu kusizani uma ningamniki akuswelayo na?

17Kanjalo nokholo uma lungavezi misebenzi emihle kalunamkhuba, lunjengento efileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Kodwa kungahle kuthiwe omunye umuntu unokholo, omunye unemisebenzi emihle ayenzayo. Ngithi-ke kulokho: Ngitshengise ukukholwa kwakho ngaphandle kwemisebenzi, nami ngizokukhombisa ukuthi nginokholo, ngikutshengise imisebenzi engiyenzayo.

19Uyakholwa ukuthi uMvelinqangi uyedwa, kuhle kakhulu uma ukukholwa lokho. Kodwa namadimoni imbala ayakukholwa lokho, athuthumele ngenxa yokwesaba.

20Siwulandini! Awazi yini ukuthi ukukholwa okungenamisebenzi emihle kuyize na?

21UAbhrahama ukhokho akakubalelwanga yini ukulunga ngenxa yesenzo sakhe mhlazana enikela ngoIsaka indodana yakhe elathini na?

22Usuyabona-ke manje ukuthi ukholo lwakhe lwaluhambisana nemisebenzi yakhe nokuthi lwapheleliswa ngayo.

23Kwase kugcwaliseka umbhalo ongcwele othi: “UAbhrahama wakholwa kuNkulunkulu, ngakhoke kwabalelwa kuye ukulunga, kwathiwa ungumhlobo kaNkulunkulu.”

24Niyabona-ke ukuthi umuntu uthethwa yicala ngemisebenzi yakhe emihle, alimthethi ngenxa yokukholwa kwakhe kuphela.

25Kanjalo noRahabhu isindindwa kathethwanga yini yicala ngemisebenzi yakhe emihle mhla emukela izinhloli ezishushumbisa ngenye indlela na?

26Umzimba womuntu osuphume umphefumulo uyisidumbu; kanjalo-ke nokukholwa okungenamisebenzi emihle akusizi ngalutho, kuyinto efileyo.

EkaJakobe 3

Ulimi

1Labo benu abazoba ngabafundisi abangabi baningi bazalwane bami, ngoba niyazi ukuthi thina esifundisayo siyokwehlulelwa kanzima kunabanye.

2Sonke siyaye senze amaphutha amaningi. Uma umuntu engoni kwakushoyo, lowomuntu ulunge ngempela. Uyakwazi nokuzibamba, athibe izitho zonke zomzimba wakhe.

3Amahhashi siyaye siwafake amatomu neqhosha emlonyeni ukuze asilalele, bese sikwazi ukuwaqondisa aye lapho sithanda khona.

4Imikhumbi noma ingaze ibe mikhulu kangaka nje idudulwe yimimoya enamandla, nokho iqondiswa ngephinyana elingemuva, ukuba iye lapho umshayeli ethanda khona.

5Kanjalo nolimi noma luyisitho esincane kangaka, kodwa lungaziqhenya ngezinto ezinkulu. Inhlansana nje ingathungela umlilo ushise udukathole wehlathi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Ngakhoke ulimi lufana nomlilo. Luyisona sitho somzimba esifumbethe bonke ububi; ububi balo buyamemetheka bonakalise umzimba wonke. Ulimi lungumlilo othungelwe yisihogo uqobo, ubusuthungela yonke impilo yethu.

7Umuntu uyakwazi ukuthambisa izilwane, ngoba sewazithambisa zonke izinhlobo zazo, ezasendle nezinyoni nezihuquzelayo nezasolwandle.

8Kepha akukho muntu ongagoba ulimi. Luyinto embi exhuxhumayo; lunesihlungu esibulalayo.

9Ngolimi lwethu sidumisa iNkosi uBaba osezulwini nangalo sibuye futhi siqalekise abantu abadalwa bafana noMvelinqangi.

10Kuwo lomlomo owodwa kuphuma amazwi okubonga namazwi okuqalekisa. Lokho akufanele ukuba kwenzeke kini bazalwane bami.

11Kungaphuma yini esiphethwini esisodwa amanzi amtoti nababayo na?

12Kungenzeka yini bazalwane bami ukuba umkhiwane uthele izithelo zomhlwathi kumbe umvini uthele amakhiwane na? Kanjalo nomthombo obabayo ungekhiphe amanzi amtoti.

Inhlakanipho evela ezulwini

13Kukhona yini phakathi kwenu onenhlakanipho nokuqonda na? Uma kunjalo-ke akakubonakalise ngokuziphatha kahle nangemisebenzi emihle ayenza ngalokhokuzithoba okubangwa yinhlakanipho.

14Kodwa uma izinhliziyo zenu zifukamela umona onyantisayo nombango, musani ukuziqhenya ngenhlakanipho yenu, nize niqambe amanga nimelane neqiniso.

15Lenhlakanipho yenu kayiveli ezulwini kodwa ngeyalomhlaba nemvelo yethu yokonakala namadimoni.

16Lapho kukhona khona umona nombango, kukhona futhi inxushunxushu nazo zonke izinhlobo zobubi.

17Kepha inhlakanipho evela ezulwini, okokuqala nje ihlanzekile, kanduba ibe nokuthula ibe mnene ithobele ukwelulekwa; iyaye ibe nesihe, iveze izithelo eziyimisebenzi elungileyo. Ayibandlululi, kanti-ke futhi ayizenzisi.

18Abalamulayo batshala ngokuthula bavune ukulunga.

EkaJakobe 4

Ubudlelwane nabomhlaba

1Kuvelaphi konke lokhukulwa nokuxabana okukhona phakathi kwenu na? Akuveli yini ezinkanukweni ezidlanga ngaphakathi kini emvelweni yenu yokonakala na?

2Niyaye nifise into ethile kodwa ningayitholi; niyazondana nifelana umona, kodwa anitholi lutho. Niyaye nixabane nilwe nodwa. Anikutholi enikufisayo, ngoba anikuceli kuNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Uma nicela kanikwemukeliswa enikucelayo, ngoba nikucela ninenhloso embi ngakho. Niyaye nicele izinto khona nizozihlaphaza nizisebenzise enkanukweni.

4Bantu abangethembekile abahlubuka uNkulunkulu, anazi yini ukuthi bayizitha zikaNkulunkulu laba abadlelana nabomhlaba na? Umuntu othanda ukudlelana nabomhlaba uphenduka isitha sikaNkulunkulu.

5Ngabe nisho ukuthi umbhalo ongcwele ukhuluma okuyize yini uma uthi: “UNkulunkulu unesikhwele lapho elangazelela umphefumulo asinika wona ukuba uhlale kithi”?

6Kodwa umusa uNkulunkulu asenzela wona wanda ngokwedlulele. Kungalesisizathu umbhalo ongcwele uthi: “UNkulunkulu uyamelana nabazidlayo kodwa ubenzela umusa abathobekileyo.”

7Ngakhoke thobelani uNkulunkulu, nimelane noSathane, yikhona eyoqhela kini.

8Sondelani eduze kukaNkulunkulu, yikhona eyosondela kini. Hlanzani izandla nina zoni, nihlambuluke ezinhliziyweni zenu nina enimanqikanqika.

9Yibani lusizi nidabuke nikhale, ukuhleka kwenu kuguquke kube ngukudabuka, ukujabula kwenu kube ngukujabha.

10Zithobeni phambi kweNkosi uSomandla, yikhona iyoniphakamisa.

Ukwehlulela umzalwane

11Ningangcofani bakwethu! Umuntu ongcofa umzalwane wakhe kumbe amehlulele, ungcofa umthetho kaNkulunkulu awehlulele. Kodwa uma wehlulela umthetho kawuseyena ogcina umthetho kepha ungumahluleli wawo.

12NguNkulunkulu kuphela oshaya umthetho nongumahluleli. Nguye kuphela onamandla okusisindisa kumbe asibhubhise. Lapho ungubani wena ongehlulela omunye na?

Ningazigabisi

13Lalelani lapha nina enithi: “Namuhla noma kusasa siyohambela kulowayamuzi, sifike sihlale khona siqede unyaka, sihwebe sithole inzuzo.”

14Kanilazi ikusasa ukuthi liniphatheleni noma liyonifica nisaphila yini. Ninjengomlalamvubu obonakala isikhashana bese udamuka.

15Nina ngabe nithi: “Uma iNkosi ivumile siyophila senze lokhu nalokhuya.”

16Kodwa manje niyazigabisa niyaziqhenya, kanti-ke konke ukuzigabisa kwalolohlobo kubi.

17Lowo okwaziyo okulungileyo okufanele ukuba akwenze-ke kodwa angakwenzi, uyona.

EkaJakobe 5

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ukuxwayiswa kwezicebi

1Lalelani lapha nina zigwili! Khalani nililele usizi oluyonehlela!

2Ingcebo yenu ingumbolela, nezingubo zenu zidliwe yinundu.

3Igolide nesiliva lenu linjengento egqwalile. Ukugqwala kwalo kuyoba ngubufakazi obunilahlayo, kube njengomlilo oshisa imizimba yenu ingqongqe. Seniqongelele ingcebo ngalezizinsuku zokuphela.

4Ake nibheke! Nigodle imali anaze nabaholela abavuni abasebenza emasimini enu. Leyomali iyanimangalela ezulwini. Isikhalo sabavuni sesizwakele kuSimakade iNkosi yamaviyo.

5Nizitikile ngezinto zalomhlaba nitamasa, imizimba yenu nayinonisela usuku lokuhlaba.

6Niyaye nimlahle ngecala olungileyo nimbulale; akanakumelana nani.

Ukubekezela nokukhuleka

7Bekezelani bakwethu kuze kufike usuku lokubuya kweNkosi uJesu! Ake nibheke nje ukuthi umlimi ulindela kangakanani ukuba amasimu akhe athele ukudla akukhonze kangaka! Ulindela ngokubekezela ukufika kwezimvula zasentwasahlobo nasekwindla.

8Nani-ke bekezelani niqunge isibindi, ngoba usuku lokubuya kweNkosi uJesu selusondele.

9Aningabe nisasolana bakwethu hleze nehlulelwe. Nanguya umahluleli esemi ngasesigcawini.

10Bazalwane, khumbulani abaphrofethi basendulo ababeshumayela bethunywe nguSimakade; mababe yisibonelo kini sokubekezela ezinhluphekweni.

11Niyazi-ke ukuthi labo ababekezelayo kuthiwa babusisiwe. Nezwa ngokubekezela kukaJobe nokuthi uSimakade wagcina esemenzeleni, ngoba uSimakade unobubele nesihawu.

12Okukhulu kunakho konke ukuba ningafungi bazalwane bami, noma kungaba yizulu noma umhlaba noma intoni. Anothi “yebo” kumbe nithi “qha”, kuphele lapho, hleze uNkulunkulu anilahle ngecala.

13Kukhona yini phakathi kwenu ohluphekayo na? Uma kunjalo akakhuleke kuNkulunkulu! Kukhona yini othokozayo na? Akahubele uNkulunkulu!

14Kukhona yini ogulayo na? Uma kunjalo akabize abaphethe ebandleni bamthandazele, bamgcobe ngamafutha bamhlikihle bekhuleka ngegama leNkosi uJesu.

15Uma bekhuleka benokholo kuyomsindisa lokho ogulayo, iNkosi uJesu imsimamise, kuthi uma ngabe onile, izono zakhe zithethelelwe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Ngakhoke hlambulukani ezonweni zenu, yilowo nalowo avume komunye izono zakhe, nikhulekelane khona nizosinda. Umkhuleko womuntu olungileyo unamandla okwenza lukhulu.

17UElija wayengumuntu njengathi. Wakhuleka kuNkulunkulu wajula, ecela ukuba lingani. Nebala alaze lana, lomisa iminyaka emithathu enezinyanga eziyisithupha.

18Wabuye wakhuleka, izulu lase lina, umhlaba waba nokudla.

19Bazalwane, uma omunye wenu ephambuka eqinisweni abeseqelwa ngomunye,

20yazini ukuthi lowo oweqela isoni siphenduke ekwedukeni kwaso, uyosindisa umphefumulo waso ekubhujisweni, kugqitshwe izono eziningi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1 kaPhetro

1 kaPhetro 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uPhetro umphostoli kaJesu Kristu. Ngiyilobela nina besizwe esiyikhethelo likaNkulunkulu eniyizihambi ezihlakazekele emazweni ngamazwe, kwelasePhontu naseGalathiya naseKhaphadosiya naseAsiya naseBhithiniya.

2UNkulunkulu uYise owakumisa konke kungakenzeki waniqoka, wanahlukanisela ngoMoya wakhe ukuba ngabangcwele bakhe, nimlalele nichelwe ngegazi likaJesu Kristu elinihlanzayo. Akuvame kini umusa kaNkulunkulu nokuthula!

Ithemba lempela

3Akabongwe yena onguNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu! Ngobubele bakhe obukhulu wasizala kabusha saba nethemba eliqinileyongokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo.

4Sizokudla ifa elingapheliyo nelingenasici nelingakhuthiyo, ifa enilibekelwe ezulwini.

5Ngokukholwa kwenu nilondolozwa ngamandla kaNkulunkulu ukuze niphiwe leyonsindiso esilungele ukuba yambulwe ngesikhathi sokugcina.

6Engabe nina nijabula kakhulu ngalokhu, yize kudingekile ukuba niphathwe yizinsizi okwalesisikhashana kulezizilingo ngezilingo ezinehlelayo.

7Ngisho negolide imbala eliyinto ephelayo liyaye lihlolwe ngelangabi esithandweni somlilo. Ukholo lwenu oluyigugu kunegolide luyavivinywa-ke ngalezizilingo enidlula kuzo, nce kuhlaluke ukuthi luqotho na. Uma kunjalo luyobongwa luthole udumo lutuseke mhla uJesu Kristu esebonakala.

8Noma ningazange nimbone, kodwa niyamthanda; noma ningamboni manje, kodwa niyakholwa kuye. Ngakhoke seniyajabula ngaye niphuphume intokozo engechazwe engeyona eyalomhlaba,

9njengoba vele niyayemukela kumanje insindiso yenu eyiwona mgomo wokukholwa kwenu.

10Mayelana nalensindiso abaphrofethi basendulo bacwaningisisa bahlolisisa, base bebikezela ngalomusa eseniwenzelwe nguNkulunkulu.

11UMoya kaKristu owawukubo wabikezela ngezinhlupheko eziyomehlela uMesiya nangobukhosi benkazimulo yakhe eyayizolandela. Baphenyisisa befuna ukwazi ukuthi lesosikhathi esakhonjwa nguMoya siyofika nini nokuthi siyoba njani.

12UNkulunkulu wabavezela labababaphrofethi ukuthi lokhu ababekushumayela kwakungezukusiza bona kodwa kwakuzosiza nina. Bakhuluma ngazo lezizinto esenizizwile zibikwa yizithunywa esezishumayela indaba emnandi ziqhutshwa

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

nguMoya oyiNgcwele ovela ezulwini. Ngisho nezingilosi imbala kaziphezi ukulangazelela ukwazi ubunzulu balezizinto.

Yibani ngcwele

13Ngakhoke hluzani ingqondo nibhukule! Zithibeni, nethembele ngokupheleleyo kulowomusa eniyowenzelwa mhla uJesu Kristu eqhamuka ngenkazimulo yobukhosi bakhe.

14Njengoba ningabantwana bakaNkulunkulu abamlalelayo, ningayivumeli inkambo yenu ibuswe yizinkanuko ezazikade zinibusa ngenkathi ningakamazi uMvelinqangi ngokuyikho.

15Kunalokho, yibani ngcwele kukho konke enikwenzayo, njengoba uNkulunkulu owanibizayo engcwele.

16Umbhalo uthi: “Yibani ngcwele ngoba mina ngingcwele.”

17Niyaye nithi “Baba” uma nikhuleka kuMvelinqangi owehlulela bonke abantu ngamunye ngokwemisebenzi yabo, angakhethi. Ngakhoke mesabeni ngenkathi nisahamba lapha emhlabeni!

18Ngoba niyazi ukuthi nahlengwa nophulwa empilweni yobuze enayiphila ngosiko lwawokhokho. Anihlengwanga ngezinto eziphelayo, anikhokhelwanga ngagolide nasiliva,

19kodwa nahlengwa ngegazi elinqabileyo likaKristu, iwundlu lemvu elingakhubazekile elingenasici.

20Wakhethwa nguMvelinqangi umhlaba ungakadalwa, kodwa wavezwa ngezinsuku zokugcina ngenxa yenu ukuba nisizakale.

21NgoKristu senikholwa kuNkulunkulu owamvusa kwabafileyo wamnika udumo, ukuze ngokholo lwenu nibeke ithemba lenu kuNkulunkulu.

22Nilithobele iqiniso nase nihlanjululwa nce nikwazi ukuthanda abazalwane benu ngothando oluphilayo. Ngakhoke thandanani ngenhliziyo yonke, uthando lwenu luvuthe lunganqamuki.

23Nizelwe kabusha kungengambewu ebhubhayo kodwa ngembewu engabhubhiyo, ngezwi likaNkulunkulu eliphilayo nelimiyo ungunaphakade.

24Embhalweni ongcwele kuthiwa: “Isintu sonke sinjengotshani, bonke ubuhle baso bunjengembali yeqele; utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka,

25kepha izwi likaSimakade limi phakade.” Lelizwi liyilo-ke enalishunyayezwayo, liyindaba ejabulisayo.

1 kaPhetro 2

Itshe eliphilayo nesizwe esingcwele

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Ngakhoke buyekeni bonke ububi nobuqili, ningazenzisi nifelane umona,
ninganukubezi muntu.

2Njengalokhu abantwana abasand' ukuzalwa bekhalela ubisi, kanjalo nani
langazelelani ngokomoya ubisi lwempela oluyizwi likaNkulunkulu, ukuze nikhule
ngalo nisindiswe.

3Phela senike “nazibonela namuzwa ukuthi unomusa uSimakade”, njengokusho
kombhalo ongcwele.

4Sondelani kuye oyitshe eliphilayo elaliwa ngabantu bethi liyinto engenamkhuba,
kepha uNkulunkulu walikhethela indawo eyaziswayo.

5Nani-ke, ngokomoya yibani ngamatshe aphilayo, kwakhiwe ngani ithempeli
lokomoya, nibe ngabaphristi abangcwele abethula imihlatshelo yokomoya
eyamukelekayo kuNkulunlulu ngenxa kaJesu Kristu.

6Ngoba embhalweni ongcwele uNkulunkulu uthi: “Ngibeka eZiyoni itshe legumbi
engilikhethele lendawo eyaziswayo; bonke abakholwa kulelotshe legumbi ngeke
badumazeke bajabhe.”

7Ngakhoke kini enikholwa kuKristu uyigugu, itshe elikhethelwe indawo
eyaziswayo. Kodwa kulabo abangakholwayo kwaba njengoba kulotshiwe
embhalweni ongcwele ukuthi: “Itshe lokwakha elaliwa ngabakhi bethi liyinto
engenamkhuba kwaba yilona sisekelo njengensika ephase indlu.”

8Nomunye umbhalo uthi: “Lelitshe liyobanga ukuba abantu bakhubeke, liyidwala
eliyobakhubekisa bawe.” Bayakhubeka ngoba bengalikholwa izwi
likaNkulunkulu; wanquma uNkulunkulu ukuba kube njalo.

9Kepha nina niwuhlanga olukhethiweyo, abaphristi bozalo lwasebukhosini, isizwe
esingcwele esahlukaniselwe uNkulunkulu, abantu bakhe bekhethelo, ukuba
niphakamise udumo lwalowo owanibiza ukuba niphume ebumnyameni nivele
ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo.

10Nanikade ningeyiso isizwe, kepha manje seniyisizwe esibizwa ngoNkulunkulu.
Nina nake nangahawukelwa, kepha manje senenzelwe isihawu.

Yibani yizinceku zikaNkulunkulu

11Bakwethu, njengoba ningabafokazi nezimpabanga kuleli, ngiyanincenga ukuba
ningazivumeli izinkanuko zemvelo yokonakala ezimelana njalo nomphefumulo.

12Ziphatheni ngokuzihlonipha phakathi kwabezizwe abangakholiwe, ukuze kuthi
uma beningcofa bethi niyizigilamkhuba, babone imisebenzi yenu elungileyo qede
badumise uNkulunkulu mhla ebahambela ezobasindisa.

13Thobelani yonke imithetho emiswe ngabantu abaniphetheyo, nikwenze lokho
ngenxa yeNkosi uJesu. Nithobele ingonyama, isesikhundleni sayo esiphakemeyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Nithobele neziphathimandla eyazigunyaza ukuba zijezise abenza okubi, zibatuse
labo abenza okulungileyo.

15Ngoba kuyintando kaNkulunkulu ukuba ngemisebenzi elungileyo nivale
imilomo yeziwula ezingazi lutho,

16Khululekani, kodwa ukukhululeka kwenu akungabi yizaba zokufulela ububi,
kepha nikhumbule ukuthi niyizisebenzi zikaNkulunkulu.

17Hloniphani wonke umuntu, nithande abazalwane, nesabe uNkulunkulu,
nengonyama niyazise.

Ukuhlushwa kukaKristu kuyisibonelo

18Nina zisebenzi thobelani abaniphetheyo emsebenzini, nibahloniphe kakhulu,
kungabi yilaba abanomusa abanizwelayo kuphela kodwa nalaba abanganiphethe
kahle.

19Ngoba kuyathandeka kuNkulunkulu uma umuntu enesazela ngalokho
okuyintando yakhe, abekezelele ubuhlungu lapho ehlushwa kungafanele.

20Ningatuseka kanjani uma nibekezelela ukushaywa nonile na? Kodwa uma
nibekezela lapho nihlushelwa imisebenzi emihle, lokhu kuyathandeka
kuNkulunkulu.

21UNkulunkulu wanibizela khona lokho, njengoba noKristu wahlushelwa nina,
waba yisibonelo kini sokuba nilandele emikhondweni yakhe.

22“Akazange enze sono, nezindebe zakhe kazikhulumanga nkohliso.”

23Noma ethukwa kathukanga yena, nalapho ehlushwa kasongelanga muntu.
Kunalokho wazinikela ngethemba kuNkulunkulu umahluleli oqotho.

24Wetshatha umthwalo wezono zethu emzimbeni wakhe lowo owalengiswa
esigxotsheni nce thina sife esonweni sehlukane naso, siphile impilo elungileyo.
“Ngamanxeba akhe niphilisiwe nasinda.”

25Nina naninjengezimvu ezedukileyo, kodwa senibuyile namlandela umalusi
nombheki wemiphefumulo yenu.

1 kaPhetro 3

Ukuhlalisana kowesifazane nomyeni wakhe

1Ngokunjalo nani makhosikazi thobelani amadoda enu. Amanye awo awalithobeli
izwi likaNkulunkulu. Kungenzeka aphenduke noma engazange ashunyayezwe,
ngokubona inkambo yenu,

2lapho enibona nimesaba uNkulunkulu, niphila impilo emsulwa.

3Ubuhle benu akungabi ukuhlobisa ingaphandle lenu, nikhangise ngamagoda
elukiweyo nihlobe ngegolide nezingubo ezikhangayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Kunalokho, akube ngubuhle obungapheliyo benhliziyo obubonakala ngomoya wenu omnene nihlezi ngokuthula; lokhu kuyigugu emehlweni kaNkulunkulu.

5Phela babehloba kanjalo abesifazane abakholwayo basendulo ababebheke kuNkulunkulu ngethemba. Babebathobela abayeni babo,

6njengoSara owayeyihlonipha indoda yakhe uAbhrahama, eyibiza ngokuthi iyinkosi yakhe. Nina-ke ningabantwana bakhe uSara uma nenza okulungileyo ningesabi lutho.

7Kanjalo nani madoda hlalisanani nomkenu ngendlela yobuKristu enayifundiswayo, nazi ukuthi babuthakathaka kunani. Njengoba beyizindlalifa kanye nani zomusa onitholisa ukuphila okuphakade, ngakhoke bahlonipheni nibazise omkenu ukuze imithandazo yenu ingathikanyezwa lutho.

Ukuhlushwa ngenxa yokulunga

8Okokugcina, hlalisanani kahle nonke nganhliziyonye, nizwelane nithandane ngothando lwabazalwane, nibe nobubele nithobe.

9Ningaphindisi kumuntu ububi ngobubi kumbe inhlamba ngenhlamba; kunalokho busisani, ngoba nani nabizelwa isibusiso ukuba sibe yifa lenu.

10Umbhalo ongcwele uthi: “Lowo othanda ukuphila kwangempela aze adle izinyoni zabantabakhe, akadede ekukhulumeni ububi, izindebe zakhe zingaphathi nkohliso,

11aqhele ebubini enze okuhle, afune ukuthula akuthungathe.

12Ngoba iso likaSimakade kalisuki kwabalungileyo; ubeka indlebe yakhe ezwe ukunxusa kwabo, kepha umelana nezigilamkhuba.”

13Ngubani-ke onganilimaza uma nishisekela ukwenza okulungileyo na?

14Noma ngabe nihlushwa ngenxa yemisebenzi elungileyo nibusisiwe. Musani ukungenwa ngamanzi emadolweni nikhathazeke uma abantu benesabisa.

15Kodwa hloniphani iNkosi uKristu ezinhliziyweni zenu ngoba ingcwele, nihlale nilungele ukuphendula bonke abathanda ukwazi ngethemba eninalo.

16Kepha kwenzeni lokho ngokuzithoba nangokuhlonipha. Unembeza wenu awuhlale umsulwa ukuze bajabhiswe abaningcofayo benukubeza ukuziphatha kahle kwenu nina bakaKristu.

17Uma kuyintando kaNkulunkulu ukuba nihlushelwe ukwenza okulungileyo, kungcono lokho kunokuba nihlushelwe ukwenza okubi.

18Ngoba naye uKristu wafa kwaba kanye ngenxa yezono. Yena owayelungile wahlushelwa nina eningalungile ukuba aniyise kuNkulunkulu. Umzimba wakhe wabulawa, kodwa uMoya oyiNgcwele wabuye wamphilisa.

19Yiwo loMoya owamqhuba waya washumayeza imimoya eboshiweyo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20eyayingakholwanga endulo emihleni kaNowa ngenkathi uMvelinqangi ebekezelela abantu kusakhiwa umkhumbi. Abantu labo abambalwa ababekulomkhumbi basindiswa ngamanzi, beyisishiyagalombili isibalo sabo.

21Lawamanzi angumfanekiso wombhabhadiso osusindisa manje. Kawusikho ukukhuculula insila yomzimba, kodwa ungukucela uNkulunkulu ukuba asihlanze unembeza ube msulwa. Umbhabhadiso-ke uyasindisa ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu ekufeni.

22Useye ezulwini wafike wahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Ubusa izingilosi nabasezulwini abanegunya nabanamandla.

1 kaPhetro 4

Izinceku zikaNkulunkulu ezineziphiwo ezahlukeneyo

1Njengoba uKristu wahlupheka emzimbeni, ngakhoke nani buswani yilomcabango: Umuntu osewahlushwa ngokomzimba wehlukene nokona.

2Ngakhoke manje ngenkathi nisaphila kulomhlaba aningabe nisabuswa yizinkanuko zemvelo yenu kodwa yenzani kuphela lokho okuthandwa nguNkulunkulu.

3Siningi lesisikhathi nilokhu nazenzela umathanda njengabezizwe abangakholwayo. Nanishone nathi shi emachilweni nasezinkanukweni, nidakwa nizitika ngamadili nemibuthano yotshwala, nikhonza izithixo ngendlela ehlasimulisayo.

4Nxashana sebenibona ningasemdibi munye nabo beya lapho kudlange khona ukonakala, lokhu kuyabamangalisa bese benithuka.

5Kodwa bayoziphendulela kuMvelinqangi ohlala elungele ukwahlulela abaphilayo nabafileyo.

6Indaba emnandi yashunyayelwa nakulabo asebafa, khona kuyothi noma ngabe behlulelwe ukuba imizimba yabo ife njengeyabantu bonke, kodwa baphile ngokomoya njengalokhu uNkulunkulu ephila.

7Isiphetho sakho konke sesisondele. Ngakhoke imiqondo yenu ayihluzeke nizithibe, nikwazi ukukhuleka.

8Okukhulu kunakho konke ukuba nithandane ngenhliziyo yonke, ngoba uthando lusibekela izono eziningi.

9Uma nihambelana emakhaya enu nize nemukelane kahle ningakhononi!

10Yibani yizinceku zikaNkulunkulu onika abantu iziphiwo ezehlukeneyo ngomusa wakhe. Yilowo nalowo akasebenzise isiphiwo sakhe ekusizeni abanye.

11Uma umuntu ekhuluma, akakhulume okungokwezwi likaNkulunkulu; uma umuntu esiza ebandleni akasize ngalawomandla awanikwe nguNkulunkulu,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

uMvelinqangi adunyiswe ngenxa kaJesu Kristu kukho konke esikwenzayo. Udumo lungolwakhe namandla nobukhosi phakade naphakade. Ameni.

Ukuhlushwa ngoba bengamaKristu

12 Bathandekayo, bunganimangalisi ubuhlungu enibuzwayo nxashane nivivinywa, kube sengathi nehlelwa yinto engaziwayo.

13 Esikhundleni salokho jabulani ngoba nihlanganyela noKristu ezinhluphekweni zakhe, ukuze niphuphume injabulo mhla kubonakaliswa inkazimulo yobukhosi bakhe.

14 Nibusisiwe lapho benithukela ukuba ngabakaKristu, ngoba uMoya wenkazimulo onguMoya oyiNgcwele kaNkulunkulu uhlezi kini.

15 Uma omunye wenu ehlushwa, akungabi ngesizathu sokuba engumbulali noma eyisela noma eyisigilamkhuba kumbe abe ngugaxekile ezindabeni zabanye,

16 kodwa uma nihlushwa ngoba ningamaKristu, nize ningatheleki izinhloni kodwa dumisani uNkulunkulu ngoba nibizwa ngalelogama!

17 Sesifikile isikhathi sokwahlulelwa, kuqalwe ngabakaMvelinqangi. Uma kuqalwa ngathi, siyoba njani isigcino salabo abangayikholwanga indaba emnandi kaNkulunkulu na?

18 Umbhalo ongcwele uthi: “Kunzima ukuba olungileyo asindiswe; kangakananike lowo oyisoni nomuntu ongamesabiyo uMvelinqangi! ”

19 Ngakhoke laba abahlushwa ngoba kuyintando kaNkulunkulu, abenze okulungileyo, bazinikele kuMvelinqangi umdali wabo othembekileyo abanakekele.

1 kaPhetro 5

Ukwalusa umhlambi kaNkulunkulu

1 Ngiyabancenga laba abaphethe ebandleni phakathi kwenu. Nami ngiphethe ebandleni njengani, ngingufakazi wokuhlushwa kukaKristu, ngiyohlanganyela naye enkazimulweni yobukhosi obuyobonakaliswa. Ngiyaninxusa ngithi:

2 Yalusani umhlambi kaNkulunkulu enibekwe ukuba niwunakekele. Nibe ngababheki bawo, kungabi ngoba niphoqelekile, kodwa nisukeleke nina nenze njengalokhu uNkulunkulu ethanda. Ningayihaheli inzuzo ngalomsebenzi, kodwa wenzeni ngokushiseka.

3 Ningachachazi phezu kwalabo eningababheki babo, kodwa yibani yisibonelo emhlambini eniwelusayo.

4 Mhla ebuyayo uJesu ongumalusi omkhulu, niyoklonyelwa ngomqhele wakwanokusho ongasoze wabuna nanini.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ngokunjalo nani enisebasha thobelani abadala! Bhincani nonke okhalo
ukuzithoba, kube yisevatho senu, nikhonzane, ngoba umbhalo ongcwele uthi:
“UNkulunkulu umelene nabaziqhayisayo, kodwa abazithobayo ubenzela umusa.”

6Ngakhoke zithobeni ngaphansi kwesandla sikaMvelinqangi esinamandla,
yikhona ezoniphakamisa lapho sekufika isikhathi.

7Izinkathazo zenu zonke zethuleni kuye nizishiye lapho, ngoba uyaninakekela.

8Zithibeni nilinde, ngoba uSathane isitha senu uzulazula yonke indawo, ufana
nebhubhesi elibhodlayo elihamba lifuna lowo elingamshwabadela.

9Gxilani ekukholweni nimelane naye, ngoba niyazi ukuthi abazalwane benu
emhlabeni wonke behlelwa yizinhlupheko ezifuze lezi.

10UNkulunkulu ongumninimusa unibizele ukuba nihlanganyele ebukhosini bakhe
baphakade kanye noKristu. Kothi emveni kokuba senihluphekile okwesikhashana,
awufeze umsebenzi wakhe kini nize niqine nibe namandla nigxile.

11Nguye uSomandla phakade naphakade. Ameni.

Ukuvalelisa

12Nginilobele lencwadi ngamafushane ngisizwa nguSilasi umzalwane
engimethemba kakhulu. Ngihlose ukunikhuthaza, ngifakaze ukuthi yiwo
ngempela lomusa kaNkulunkulu enginitshele ngawo. Bambelelani kuwo, nime
nithi ngqi!

13Liyakhonza-ke lelibandla laseBhabhiloni elikhethwe nguNkulunkulu kanye
nani; kukhonza noMarko indodana yami.

14Nize ningikhonzele nibingelelane ngokwanga kwabakholwayo! Akube khona
ukuthula kinina nonke eningabakaKristu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kaPhetro

2 kaPhetro 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uSimoni Phetro inceku nomphostoli kaJesu Kristu.
Ngiyilobela nina enabelwe ukukholwa okuyigugu ngangokwethu, enakuthola
kwaba ngokwenu ngenxa yokulunga enikunikwa nguJesu Kristu uNkulunkulu
nomsindisi wethu.

2Umusa kaNkulunkulu nokuthula akuvame kini njengoba kuchuma kwanda
ulwazi ngaye nangoJesu iNkosi yethu.

Ukubizwa nokukhethwa kwethu nguNkulunkulu

3UNkulunkulu wasibizela kuye ngezwi lakhe lobukhosi namandla. Njengoba
sesimazi usiphile ngamandla akhe obuNkulunkulu konke lokho okusiholela
ekuphileni nasekumesabeni.

4Ngalelizwi lakhe wasinika njengokwethembisa kwakhe izipho eziyigugu eledlula
konke, ukuba ngazo lezizipho niphephe ekonakaleni kwalomhlaba okubangwa
yizinkanuko, nihlanganyele neNkosi ebuNkulunkulwini bayo.

5Ngalesisizathu-ke khuthazelani ukuba ukukholwa kwenu kuveze imisebenzi
elungileyo, emisebenzini yenu elungileyo kuvele ulwazi,

6ulwazi lwenu luveze ukuzithiba, ukuzithiba kwenu kuveze ukubekezela,
ukubekezela kwenu kuveze ukumesaba uNkulunkulu,

7ukumesaba kwenu uNkulunkulu kuveze uthando lobuzalwane, uthando lwenu
lobuzalwane luveze uthando lobuKristu, nithande bonke abantu.

8Uma ninazo leziziphiwo zilokhu zanda-ke ziyoninika umdlandla, niveze izithelo
zokomoya, nibe nolwazi oluphelele ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

9Uma umuntu engenazo-ke lezoziphiwo unjengempumputhe ebona kalufifi,
usekhohliwe ukuthi wahlanjululwa ezonweni ayekade ezenza.

10Ngakhoke bakwethu, khuthazelani niqinise ubizo nokukhethwa kwenu
nguNkulunkulu, yikhona ningasoze nakhubeka nihlubuke enkolweni yenu.

11Kanjalo niyonikwa ilungelo elipheleleyo lokungena embusweni waphakade
weNkosi nomsindisi wethu uJesu Kristu.

12Ngakhoke ngihlose ukuhlala njalo nginikhumbuza ngalezizinto, yize nizazi
nigxilile kuleloqiniso enalemukelayo.

13Ngithi-ke kuhle impela ukuba ngidamane nginivuselela nginikhumbuze lapho
ngisaphila kulomhlaba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngiyazi ukuthi akusensuku zatshwala ngiwushiye lomhlaba, njengalokhu iNkosi yethu uJesu Kristu ingazisile ngalokhu ngokusobala.

15Ngakhoke ngizokhuthazela ngidale isu lokuba kuthi nce sengifile nihlale nizikhumbula njalo lezizinto.

Inkazimulo yobukhosi bukaKristu

16Ngoba thina asizange sihungwe yizinsumansumane zabantu abaziqambe ngobuqili babo, lapho sinishumayeza ngokubuya kweNkosi uJesu Kristu iza ngamandla amakhulu. Sayibona mathupha ngalawa omabili isenkazimulweni yobukhosi bayo.

17Yathola kuNkulunkulu uYise udumo nobukhosi mhla kuzwakala izwi livela ezulwini, lapho oPhakemeyo wakoMkhulu ethi kuyo: “Lo uyiNdodana yami engiyithandayo engithokoza ngayo.”

18Sazizwela ngalezi livela ezulwini mhla sinaye entabeni engcwele.

19Lokhu-ke kugcizelela kithi ukuthi umlayezo wabaphrofethi basendulo wawuqinisile. Nani-ke niyobe nenza kahle uma niwuphaphamela, ukhanye njengesibani esigayegayeni sobumnyama kuze kuphume ikhwezi entathakusa, likhanyisele izinhliziyo zenu.

20Ikakhulu kuhle nazi ukuthi akukho muntu ongazichazela yena ngokwakhe isiphrofetho esisembhalweni ongcwele.

21Ngoba akukho siphrofetho esake savela ngentando yomuntu, kodwa nguMoya oyiNgcwele owasusa abantu usinga bakhuluma besusela kuNkulunkulu.

2 kaPhetro 2

Abaphrofethimbumbulu nabafundisi bamanga

(Jud 4-13)

1Endulo kwavela nabaphrofethimbumbulu phakathi kwesizwe sakwaIsrayeli, njengoba naphakathi kwenu kuyoba khona abafundisa amanga. Bayofaka izifundiso ezedukisayo isinyenyela, zinibhubhise. Bayoze baphike ngisho naleNkosi eyabahlengayo, bazibangele ukuba basheshe babhubhe.

2Abantu abaningi bayogila imikhuba njengabo, bese kuhlanjalazwa iqiniso ngenxa yabo.

3Bayoba nomhobholo baniphange labafundisi bamanga, bazuze ngani, beniwaka ngamalutha. Sisabahlalele kusukela endulo isigwebo sabo sokuba babhujiswe, kasisoze salibala nanini.

4Ngoba uNkulunkulu akaziyekanga lezozingilosi ezazona, kodwa waziphonsa esihogweni, zigcinwe lapho emigodini emnyama , zilindele usuku lokwahlulelwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Nomhlaba wasemandulo akawuyekanga, kodwa wehlisa uzamcolo emhlabeni wezonakali, wasindisa uNowa kanye nabanye abayisikhombisa kuphela, uNowa owayeshumayela ememezela ukulunga.

6UNkulunkulu wajezisa imizi yaseSodoma naseGomora, waqotha imbokodwe nesisekelo wayishisa yaba ngumlotha. Lemizi yaba yisibonelo salokho okuyokwehlela izonakali.

7Wahlenga uLothi, umuntu olungileyo owayesezukeke kakhulu emoyeni ngamanyala ezonakali.

8Lomuntu olungileyo wahlala phakathi kwazo, inhliziyo yakhe elungileyo yakhathazeka kabi lapho ebona futhi etshelwa nangezenzo zazo zokonakala imihla ngemihla.

9Kanjalo-ke iNkosi uSomandla iyakwazi ukubahlenga ezilingweni abayesabayo, kodwa ijezise abangalungile, bagcinwe kuze kufike usuku lokwahlulelwa.

10Ikakhulu iyojezisa labo abenza amanyala bebuswa yizinkanuko zemvelo, bebukela phansi ubukhosi bayo. Lababafundisi bamanga bangabaxhomondeli abaziqhayisayo, kabesabi ukuhlambalaza izingilosi ezinobukhosi kweliphezulu.

11Kanti-ke kunezingilosi ezibedlulayo ngobuqhawe nangamandla, nokho kazibacebi zibagemence uma zibamangalela eNkosini uSomandla.

12Lababantu abahlambalaza abangakwaziyo banjengezilo zasendle ezintula ingqondo ezidalelwe ukubanjwa zibulawe; bayobhubha nokubhubha njengazo.

13Bayobuyiselwa ububi ngomonakalo abawudalileyo. Bajabulela izinkamba bazitike emadilini imini yonke. Kuthi lapho behlezi kanye nani emadilini, babe lihlazo nechilo, bazijabulise ngalokho abakukhanukelayo.

14Amehlo abo kawasuki esifazaneni besikhanukela. Balokhu befuna amathuba okwenza isono. Bayengela ekoneni labo abazimilo zabo zibuthakathaka. Sebazijwayeza ukuba nomhobholo; bangabantu abaqalekiswe nguNkulunkulu.

15Baphambukile endleleni eqondileyo beduka, balandela indlela kaBhalamu umfokaBheyori owayekhonze ukuvuzwa ngemali etholakala ngokukhohlakala.

16Wasithethiselwa lesisono sakhe; imbongolo yakhe, isilwane esingakhulumi, yakhulumisa okomuntu yamkhalima umphrofethi ukuba angaqhubeki nalobubuwula bakhe.

17Lababantu bafana neziphethu ezishileyo namafu apheshulwa yisivunguvungu. Balindelwe wubumnyama obuthe khace.

18Bagagamela inkulumo eyize. Ziyababusa izinkanuko zemvelo yabo yokonakala, babuye bayenge ngamanyala abo labo abasand' ukuphenduka basinda emphakathini wabadukayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Bayaye babethembise inkululeko, kepha bona uqobo lwabo babe beyizigqila zenkohlakalo. Umuntu uyisigqila salokho okumbusayo.

20Labo abaphunyuke ekonakaleni kwalomhlaba ngenxa yokuba beyazi iNkosi nomsindisi wethu uJesu Kristu, uma bephinda-ke bebhajwa kukho, konakele! Bayodlebeleka babe babi kunakuqala.

21Bekuyoba ngcono ukuba babengayazanga indlela elungileyo kunokuba kuthi sebeyazile babuye bawuphikise lomyalo ongcwele ababewunikeziwe.

22Okwenzeka kubo kuyasifakazela isaga esithi: “Inja ibuyela ebuhlanzweni bayo,” nesithi: “Ingulube igeza ibuye ihuquze odakeni.”

2 kaPhetro 3

Isethembiso ngokubuya kweNkosi

1Bathandekayo, sekuyincwadi yesibili lena enginilobela yona. Ngalezizincwadi zami ezimbili ngifuna ukuvuselela imicabango yenu emsulwa ngokunikhumbuza

2amazwi akhulunywa endulo ngabaphrofethi abangcwele, nginikhumbuze futhi nangomyalo weNkosi uMsindisi enawushunyayezwa ngabaphostoli benu.

3Ikakhulu kuhle nazi ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyovela abantu abayoniklolodela, bebuswa yizinkanuko zabo. Bayonihleka usulu

4banibuze bathi: “Njengoba uJesu wanethembisa wathi uyabuya, uphi nje? Selokhu obaba balala zonke izinto zilokhu zinjalo kusukela ekudalweni komhlaba.”

5Bayakulibala ukuthi emandulo izulu lalivele likhona kanye nomhlaba. Ngomyalo wakhe uMvelinqangi wawudala umhlaba phakathi kwamanzi, ewudala ngamanzi.

6Lowomhlaba owawukhona wawusubhubha ngamanzi ubhujiswa ngozamcolo.

7Kodwa izulu nomhlaba okukhona manje kusakhweziwe kugcinwe yiwo lowomyalo kaMvelinqangi ukuze langalimbe kubhujiswe ngomlilo. Kogcinwa kuze kufike usuku lokuphela mhla izonakali ziyokwahlulelwa zibhujiswe.

8Bathandekayo, nize ningayikhohlwa lento, iyodwa zwi, yokuthi emehlweni eNkosi uSomandla usuku olulodwa lungangeminyaka eyinkulungwane, kanjalo futhi iminyaka eyinkulungwane ingangosuku olulodwa.

9INkosi kayilibali ukuba ifeze lokho ekwethembisile, njengoba abanye bayaye bathi iyalibala; kunalokho iyabekezela ngenxa yenu, ngoba kayithandi ukuba kubhubhe ngisho noyedwa, kodwa ithanda ukuba bonke baphenduke bakholwe.

10Kodwa usuku lokubuya kweNkosi uJesu luyofika njengesela. Ngalolosuku kuyoba khona ukukleklebula nendumo enkulu eyobhubhisa lonke elaphezulu, kuthi nalezozinto ezingumsuka wakho konke okukhona zishe zincibilike ziphele . Umhlaba nakho konke okukuwo kuyobhubha kushabalale .

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Njengoba zonke lezizinto ziyobhubha ngalendlela kufanele niphile impilo engcwele, nesabe uNkulunkulu

12ngenkathi nisalindele usuku lokubuya kweNkosi nisalukhuthazela ukuba lusheshe lufike. Ngalolosuku elaphezulu liyoshiswa lonke ngomlilo libhubhe liphele nya, nalezozinto ezingumsuka wakho konke okukhona ziyoncibilikiswayikhoza lomlilo.

13Kepha-ke sikulindele lokho asethembisa khona, izulu elisha nomhlaba omusha lapho kuyobusa khona ukulunga kodwa.

14Ngakhoke bathandekayo, njengoba nikulindele lokho, shisekelani ukuthula phakathi kwenu noNkulunkulu, nibe msulwa ningenasici phambi kwakhe!

15Khumbulani ukuthi ukubekezela kweNkosi uJesu yikhona eniyosindiswa ngakho. NoPawula umzalwane wethu othandekayo wanilobela ngalokhu, enza ngobuhlakani ayebuphiwe nguNkulunkulu.

16Yilokhu akushoyo ngalendikimba kuzo zonke izincwadi zakhe azilobayo. Kukhona ezinye izinto azilobile ezilukhuni. Lezozinto zibanga ukuba abangafundile nalababantu abantengayo ekukholweni bazihlanekezele, njengalokhu benza nakweminye imibhalo engcwele. Ngokwenze njalo bazigwaza ngowabo, bazibangela ukubhujiswa.

17Kepha nina bathandekayo bese nivele nikwazi lokhu. Ngakhoke qaphelani ningahunguki nedukiswe yimigulukudu, nidede kulokho enigxile kukho.

18Umusa kaNkulunkulu awande kini nithuthuke nasekuyazini iNkosi nomsindisi wethu uJesu Kristu! Udumo lungolwakhe manje, kuyoba njalo kuze kube phakade. Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1 kaJohane

1 kaJohane 1

IZwi elingukuphila

1Kwasekuqaleni wayevele ekhona lowo oyiZwi elingukuphila. Samuzwa sambona
ngamehlo, sambheka samthinta ngezandla.

2Lowo ongukuphila samvezelwa, sambona sesiyafakaza sinibikela ngaye
ongukuphila okuphakade, yena owayevele ekhona kuYise, owafika wabonakala
lapha kithi.

3Manje sesiyabika nakini ngalowo esambonayo samuzwa, nce nihlanganyele nathi
sidlelane njengoba thina sinobudlelwane noYise neNdodana yakhe uJesu Kristu.

4Nansi incwadi esinilobela yona nce kuphelele ukuthokoza kwethu.

UNkulunkulu ungukukhanya

5Izwi esalizwa kuye nesesinibikela lona, ngelokuthi uNkulunkulu ungukukhanya,
akukho bumnyama kuye.

6Uma sithi-ke sidlelana noNkulunkulu kepha sibe siphila impilo ebuswa
ngubumnyama, kusho ukuthi siqamba amanga, esikwenzayo akuvumelani
neqiniso.

7Kodwa uma siphila impilo yokukhanya njengalokhu yena engukukhanya,
sinobudlelwane omunye nomunye, igazi uJesu iNdodana yakhe eyalichithela thina
liyasihlambulula ezonweni zonke.

8Uma sithi asinasono siyazikhohlisa, asimi eqinisweni.

9Uma sizivuma izono zethu, uyasithethelela asihlambulule kukho konke
ukungalungi, ngoba wethembekile yena ulungile.

10Uma sithi kasonanga, se za uNkulunkulu umqambi wamanga, uma sisho njalo-
ke kasibuswa yizwi lakhe ezinhliziyweni zethu.

1 kaJohane 2

Ummeli wethu nguKristu

1Bantwana bami, nginilobela lencwadi ukuba ningoni. Kodwa uma kukhona
owonayo kuhle azi ukuthi sinaye osimelayo kuYise. Lowo-ke nguJesu Kristu
oLungileyo.

2Nguyena umhlatshelo ohlawulela izono zethu, kungezona zethu kuphela kepha
uhlawulela nezabantu bonke emhlabeni.

3Uma sigcina imiyalo yakhe, sineqiniso lokuthi siyamazi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Lowo othi uyamazi kepha engayigcini imiyalo yakhe unguhubhukabhejane; lowomuntu akemi eqinisweni.

5Kodwa uthando lukaNkulunkulu luphelelisiwe kulowo ogcina akushoyo uKristu. Yiyo-ke lendlela esazi ngayo ukuthi sisebunyeni kuye.

6Umuntu othi uhlala ekuye, kumele aphile impilo efuze eyakhe.

Umyalo omusha

7Bathandekayo, lokhu enginilobela khona akusiwo umyalo omusha kepha ngumyalo omdala enaninawo kwasekuqaleni. Phela lomyalo omdala uyilelovangeli enalizwa lishunyayelwa.

8Kanti-ke futhi musha lomyalo enginilobela ngawo. Iqiniso lalokhu lifakazelwa yimpilo uKristu ayeyiphila nempilo yenu eniyiphilayo, ngoba ubumnyama buyedlula, nokukhanya kwempela vele sekuyakhanya.

9Lowo othi uphila impilo yokukhanya kodwa azonde umzalwane wakhe, lowomuntu usesebumnyameni.

10Lowo othanda umzalwane wakhe uphila impilo yokukhanya, akenzi lutho oluhlubukisa abantu ekukholweni.

11Kodwa lowo ozonda umzalwane wakhe usesebumnyameni, uphila impilo ebuswa ngubumnyama, akazi ukuthi uqondephi, ngoba ubumnyama bumphuphuthekisile.

12Ngiyanilobela bantwana bami ngoba izono zenu zithethelelwe ngegama likaJesu Kristu.

13Ngiyanilobela nina bobaba, ngoba niyamazi lowo owayevele ekhona kwasekuqaleni. Ngiyanilobela nani zinsizwa ngoba nimnqobile omubi onguSathane.

14Ngiyanilobela bantwana bami ngoba niyamazi yena onguYise. Ngiyanilobela nina bobaba ngoba niyamazi lowo owayelokhu ekhona kwasekuqaleni. Ngiyanilobela nani zinsizwa ngoba ninamandla nibambelele kulokho okushiwo nguNkulunkulu, namnqoba omubi onguSathane.

15Ningawuthandi lomhlaba owonakeleyo nezinto zawo imbala. Uma umuntu ethanda lomhlaba, akanalo uthando oluvela kuYise osezulwini.

16Ngoba izinto zalomhlaba, lokhu okufiswa yimvelo yethu yokonakala, nalokhu okusikhangayo kuqubule inkanuko kithina, nezinto zethu esizigabisa ngazo, konke lokhu akuveli kuYise kodwa kuvela kulomhlaba owonakeleyo.

17Izinto zalomhlaba nakho konke esikukhanukelayo kuwo kuyedlula; kepha lowo owenza intando kaNkulunkulu uyophila ungunaphakade.

Umuntu omelene noKristu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Bantwana bami, sekuyizinsuku zokugcina. Nizwile ukuthi ukhona oyovela amelane noKristu; ngisho namanje sebevele bakhona baningi abamelene noKristu. Ngalokhu siyazi ukuthi sekuyizinsuku zokugcina.

19Lababantu sasinabo base besihlamuka; empeleni babengazange babe munye nathi. Ukuba babemunye nathi babeyohlala nathi. Ukusihlamuka kwabo kwaveza ngokusobala ukuthi akakho noyedwa wabo owayengowethu.

20Nina-ke unigcobile uKristu namukela uMoya oyiNgcwele , nonke seniyalazi iqiniso.

21Ngiyanilobela-ke, kungengasizathu sokuthi kanilazi iqiniso, kodwa ngoba nilazi, nazi nokuthi kulo awatholakali amanga.

22Ngubani onguhubhukabhejane na? Akusiye yini lowo ophika uJesu athi akasiye uKristu na? Lona ungumuntu omelene noKristu, uphika uYise ngisho neNdodana.

23Yilowo nalowo ophika iNdodana uphika noYise; ongayiphiki iNdodana kamphiki uYise.

24Lokho enakuzwayo nina kwasekuqaleni akuhlale kunibusa. Uma nibuswa yilokhu enakuzwa kwasekuqaleni, nani-ke niyolokhu nahlala nikuyo iNdodana nakuYise.

25Nakhu-ke esakwethenjiswa yiyo uqobo: ukuphila okuphakade.

26Senginilobele ngalabo abafuna ukunedukisa.

27Nina-ke nagcotshwa nguKristu namukela uMoya oyiNgcwele. usalokhu ukini; kanisadingi muntu ozobuye anifundise. Ngoba uMoya anipha wona unifundisa konke; lokho-ke onifundisa khona kuyiqiniso akusiwo amanga. Ngakhoke yenzani lokho onifundisa khona: hlalani nikuye!

Abantwana bakaNkulunkulu

28Bantwana bami, ngithi hlalani nikuye ukuba sibe nesibindi lapho esebonakala, singabi nazinhloni simbalekele mhla ebuyayo.

29Niyazi-ke ukuthi ulungile, ngakhoke kuhle nazi ukuthi umzele lowo nalowo owenza okulungileyo.

1 kaJohane 3

1Lwaze lwalukhulu uthando uBaba osezulwini asikhombise lona lokuba kuthiwe singabantwana bakaNkulunkulu! Kakade siyibo. Abantu balomhlaba kabasazi, ngoba phela kabamazi yena.

2Bathandekayo, sesingabantwana bakaNkulunkulu, kodwa akukabonakali ukuthi iyozala nkomoni. Kanti-ke siyazi ukuthi mhla uKristu eseqhamuka siyofana naye ngoba siyombona enjengoba enjalo.

3Bonke abanalelithemba kuKristu bayazihlambulula njengalokhu ehlanzekile.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Yilowo nalowo owonayo weqa umthetho kaNkulunkulu, ngoba isono singukweqa umthetho.

5Niyazi ukuthi uKristu wavela waba ngumuntu ukuba asuse izono zethu; akanasono yena.

6Ngakhoke uma umuntu ehlala ekuKristu akaqhubeki nokona. Lowo olokhu eqhubeka ona akazange ambone, akamazi.

7Bantwana bami, nize ningeduswa muntu. Osuke enza okulungileyo ulungile njengalokhu uKristu elungile.

8Lowo olokhu eqhubeka ona ungokaSathane, ngoba kusukela kwasekuqaleni uSathane ulokhu waqhubeka ona. INdodana kaNkulunkulu yaba ngumuntu ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.

9Yilowo nalowo ozelwe nguNkulunkulu akaqhubeki nokona, ngoba ubambelele kokushiwo yizwi likaNkulunkulu . Ngeke one ngoba uzelwe uNkulunkulu.

10Nanku-ke umahluko phakathi kwabantwana bakaNkulunkulu nabantwana bakaSathane: yilowo nalowo ongakwenzi okulungileyo nongamthandi umzalwane wakhe akasiye okaNkulunkulu.

Thandanani

11Umyalo enawuzwa kwasekuqaleni yilona wokuthi: asithandane.

12Asingabi njengoKhayini! WayengokaSathane, waze wabulala uAbela umfowabo. Embulalela sizathu sini na? Yingoba imisebenzi kaKhayini yayingeyokonakala, kodwa eyomfowabo ilungile.

13Ningamangali bakwethu uma abalomhlaba benizonda!

14Siyazi ukuthi siphumile phansi kwethunzi lokufa, sangena ekuphileni koqobo. Siyakwazi lokhu ngoba siyabathanda abazalwane. Ongenalo uthando uhleli phansi kwethunzi lokufa.

15Yilowo nalowo ozonda umzalwane wakhe ungumbulali. Niyazi-ke ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade kuye.

16Uthando silwazi ngalokhu ukuthi wadela ukuphila kwakhe ngenxa yethu. Nathi-ke kufanele sidele ukuphila kwethu ngenxa yabazalwane.

17Ake ngithi kukhona umuntu osuke emi kahle lapha emhlabeni, bese ebona umzalwane wakhe oswelayo. Uma engamsizi ngalutho, kusobala ukuthi akanalo uthando oluvela kuNkulunkulu.

18Bantwana bami, uthando lwethu alungabi ngolomlomo kanye nokusho nje, kodwa asibe nothando loqobo olubonakala ngezenzo.

Ukuma ngesibindi phambi kukaNkulunkulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Siyokwazi ngakho lokhu ukuthi simi eqinisweni, izinhliziyo zethu bese ziba
neqholo phambi kukaNkulunkulu.

20Noma unembeza wethu esilahla ngecala, siyazi ukuthi uNkulunkulu unolwazi
kakhulu kunezinhliziyo zethu, ngoba yena ukwazi konke.

21Bathandekayo, uma unembeza wethu-ke engasilahli siyokuma ngesibindi
phambi kukaNkulunkulu.

22Noma yikuphi esimcela khona uyasinika, ngoba siyayigcina imiyalo yakhe senze
okuthandeka kuye.

23Nanku umyalo wakhe: ukuba sikholwe kuJesu Kristu iNdodana yakhe,
sithandane njengalokhu yasiyaleza.

24Lowo ogcina imiyalo yakhe uhlala ekuye, naye uhlala ekulowo. Siyazi-ke ukuthi
uhlala ekithi njengoba esiphile uMoya oyiNgcwele.

1 kaJohane 4

UMoya kaNkulunkulu nomoya walowo omelene noKristu

1Bathandekayo, nize ningabakholwa bonke laba abathi banoMoya kaNkulunkulu,
kodwa bahloleni nibone ukuthi lomoya okubo ungokaNkulunkulu na. Ingani phela
abaphrofethimbumbulu sebephumele ezweni lonke.

2Niyokwazi ngalokhu ukuthi banoMoya kaNkulunkulu: yilowo nalowo ovuma
ukuthi uJesu Kristu wafika waba ngumuntu, unoMoya kaNkulunkulu.

3Kodwa okuphikayo lokhu ngoJesu, akanawo uMoya kaNkulunkulu, kodwa umoya
anawo ungowesitha esimelene noKristu, njengoba nezwa ukuthi lomoya uyofika,
ngisho namanje vele usukhona emhlabeni.

4Kodwa nina bantwana bami ningabakaNkulunkulu nibanqobile
abaphrofethimbumbulu, ngoba yena ohlala ekini unamandla amakhulu kunalowo
ohlala ekubantu balomhlaba.

5Lababaphrofethimbumbulu bangabalomhlaba, ngakhoke bakhuluma ngezinto
zalomhlaba; umhlaba uyabalalela-ke.

6Kodwa thina singabakaNkulunkulu. Lowo omaziyo uNkulunkulu uyasilalela,
lowo ongesiye okaNkulunkulu akasilaleli. Yilokho-ke okungumehluko phakathi
koMoya weqiniso nomoya wamanga owedusayo.

UNkulunkulu uluthando

7Bathandekayo, nathi asithandane ngoba uthando luvela kuNkulunkulu. Yilowo
nalowo onothando uzelwe nguNkulunkulu, uyamazi uNkulunkulu.

8Ongenaluthando kamazi uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uluthando.

9Ukusithanda kukaNkulunkulu kwabonakala ngokuba athumele emhlabeni
iNdodana yakhe izelwe yayodwa, ukuze thina siphile ngayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Uthando luyilokhu: akusikho ukuthi samthanda uNkulunkulu, kepha nguyena owasithandayo, wathumela iNdodana yakhe yaba yihlawulo lezono zethu.

11Bathandekayo, njengoba uNkulunkulu asithanda kangaka, nathi-ke kufanele sithandane.

12Akakho oseke wabona uMvelinqangi. Uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi singabakhe, uthando lwakhe luphelelisiwe kithi.

13Siyazi ukuthi sihlala sikuNkulunkulu nokuthi uNkulunkulu uhlala ekithi, ngoba usiphile uMoya wakhe.

14Thina-ke sibonile, sesiyafakaza ukuthi uYise uyithumele iNdodana yakhe yaba ngumsindisi womhlaba.

15Noma ubani ovumayo ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu uhlala ekuye, nalowo uhlala ekuNkulunkulu.

16Thina-ke siyalwazi lolothando uNkulunkulu asithanda ngalo, siyalukholwa. UNkulunkulu uluthando. Lowo olokhu enothando uhlala ekuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala ekuye.

17Uthando luphelelisiwe kithi ngalokhu, sinesibindi asinaluvalo lomhla wokwahlulelwa, ngoba sifuze uJesu yize sisesemhlabeni lapha.

18Lapho kukhona khona uthando akukho luvalo. Uthando olupheleleyo luqeda uvalo, ngoba onovalo wesaba ukujeziswa. Umuntu owesabayo usuke engaphelelisiwe othandweni.

19Thina siyathanda ngoba uNkulunkulu waqala yena wasithanda.

20Kepha uma umuntu ethi uyamthanda uNkulunkulu kodwa abe esazonda umzalwane wakhe, unguhubhukabhejane. Ngoba lowo ongamthandi umzalwane aseke wambona, angemthande uNkulunkulu angakaze ambone.

21Nanku umyalo asinika wona: lowo othanda uNkulunkulu akathande umzalwane wakhe.

1 kaJohane 5

Ukunqoba umhlaba ngokukholwa

1Bonke abakholwa ukuthi uJesu unguKristu bazelwe nguNkulunkulu; bonke abathanda umzali bathanda nomntanakhe imbala.

2Uma sithanda uNkulunkulu sigcina imiyalo yakhe, ngalokhu siyazi ukuthi siyabathanda nabantwana bakhe.

3Ukuthanda uNkulunkulu kuyilokhu: ukugcina imiyalo yakhe. Imiyalo yakhe ayinzima,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4ngoba bonke abazelwe nguNkulunkulu bayawunqoba umhlaba. Ukukholwa kwethu kwaba yikhona kunqoba okwahlula umhlaba.

5Ngubani ongase awunqobe umhlaba na? Yilowo kuphela okholwayo ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu.

Ubufakazi mayelana neNdodana kaNkulunkulu

6Nguye uJesu Kristu oweza emhlabeni, wabhabhadiswa ngamanzi, wabulawa kwachithwa igazi lakhe. Akezanga ngamanzi nje kuphela, kodwa kwaba ngamanzi nangegazi. UMoya oyiNgcwele uyafakaza ukuthi lokhu kuyiqiniso, ngoba unguMoya weqiniso.

7Kukhona ofakazi abathathu:

8uMoya namanzi negazi; ubufakazi babo buyavumelana.

9Okushiwo ngabantu befakaza siyaye sikwamukele; ubufakazi bukaNkulunkulu bunesisindo kangakanani-ke kunalokho! Phela nguNkulunkulu uqobo ofakaza ngeNdodana yakhe.

10Okholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, inhliziyo yakhe inabo lobubufakazi. Ukungakholwa kuNkulunkulu kungukumenza umqambi wamanga, ngoba umuntu ongakholwayo akabamukeli lobubufakazi uNkulunkulu abuveze ngeNdodana yakhe.

11Ubufakazi yilobu-ke: uNkulunkulu usinike ukuphila okuphakade, lokhukuphila kusuka eNdodaneni yakhe.

12Lowo oneNdodana kaNkulunkulu unakho ukuphila, kodwa lowo ongenayo iNdodana akanakho ukuphila.

Ukuphila okuphakade

13Nginilobela lencwadi ukuba nazi ukuthi ukuphila okuphakade ninakho, nina enikholwa eNdodaneni kaNkulunkulu.

14Sesingema phambi kukaNkulunkulu sinesibindi, ngoba uyazizwa izicelo zethu uma simcela utho oluvumelana nentando yakhe.

15Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelani, siyazi nokuthi uyasipha lokho esimcele khona.

16Uma ubona umzalwane wakho ona ngendlela engamenzi afe ngokomoya, mthandazele kuNkulunkulu, yikhona eyomnika ukuphila. Sengikhuluma ngalabo abona ngendlela engabenzi bafe ngokomoya. Kukhona isono esenza abantu bafe ngokomoya, angiqonde khona ukuthi nimthandazele kuNkulunkulu umuntu owenza lesosono.

17Yonke inhlobo yenkohlakalo iyisono; kukhona isono esingabenzi abantu bafe ngokomoya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Siyazi ukuthi bonke abazelwe nguNkulunkulu abaqhubeki bone, ngoba
iNdodana kaNkulunkulu iyabalondoloza, ukuze isonakali uSathane singalokothi
sibathinte.

19Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu nokuthi bonke abomhlaba babuswa
yilesisonakali.

20Siyazi futhi ukuthi iNdodana kaMvelinqangi yeza emhlabeni yafike yasipha
amandla okuqonda ukuze simazi lowo onguYenayena. Sisebunyeni kuye
onguYenayena okusho ukuthi sikuyo iNdodana yakhe uJesu Kristu.
InguMvelinqangi onguyenayena, ukuphila okuphakade sikuthola ngayo.

21Bantwana bami, xwayani ningakhonzi onkulunkulumbumbulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2 kaJohane

2 kaJohane 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi umholi omdala wamabandla. Ngiyiqondise kuwe bandla
elingumame okhethwe nguNkulunkulu, nasemakholweni angabantwana bakho.
Nginithanda ngothando lwempela. Akumina ngedwa enginithandayo, kodwa
nithandwa yibo bonke abalaziyo iqiniso.

2Sinithanda ngenxa yeqiniso esimi kulo neliyohlala kithi ungunaphakade.

3UNkulunkulu uBaba noJesu Kristu iNdodana yakhe uyosenzela njalo umusa
asihawukele asilethele ukuthula, sime eqinisweni nasothandweni.

Bambelelani emfundisweni kaKristu

4Kungithokozise kakhulu ukubona abanye babantwana bakho bebambelele
eqinisweni bemi kulo, njengalokhu uBaba osezulwini asilayeza.

5Manje-ke bandla elithandekayo elingumame, lokhu enginilobela khona akusiwo
umyalo omusha, kepha ngumyalo omdala esasinawo kwasekuqaleni. Asihlale
njalo sithandana!

6Uthando yilolu: asihambe ngokwemiyalo kaNkulunkulu. Yiwo lomyalo
enawuzwayo kwasekuqaleni wokuthi ukuhamba kwenu akubuswe uthando.

7Ngoba baningi abakhohlisi asebegcwele lonke izwe, bedukisa abantu. Kabavumi
ukuthi uJesu unguKristu owaba ngumuntu. Lowo osho njalo ungumkhohlisi
omelene noKristu.

8Qaphelani-ke ukuba ningalahlekelwa yilokho esesikusebenzele, kodwa nithole
umvuzo wenu ngokupheleleyo kwelizayo.

9Lowo ongabambeleli emfundisweni kaKristu kepha echezuka kuyo akanaye
uNkulunkulu. Kodwa obambelele kuyo unoYise kanye neNdodana.

10Uma umuntu eza kini afike nesifundiso esingafani nalesi, nize ningamamukeli
emakhaya enu, ngisho nokumbingelela kodwa lokhu.

11Ngoba lowo obingelela abantu abanjalo uhlanganyela nabo emisebenzini yabo
emibi.

Ukuvalelisa

12Kuningi ebengizonitshela khona, kodwa angithandanga ukukuloba ngesandla,
kunalokho ngifuna ukuzifikela mathupha ngikhulume nani umlomo nomlomo,
ukuba kuphelele ukuthokoza kwethu.

13Ayakhonza amakholwa alelibandla engikulo elikhethwe nguNkulunkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3 kaJohane

3 kaJohane 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi umholi omdala wamabandla. Ngiyilobela wena Gayiyu
engikuthanda ngothando lwempela.

2Mzalwane, ngikufisela ukuba uchume kukho konke uphile kahle, njengoba ngazi
ukuthi uphilile ngokomoya.

3Ngajabula kakhulu ngenkathi kufika abazalwane bengilandisa ngokubambelela
kwakho eqinisweni ngokwethembeka, njengoba ulokhu umi kulo.

4Akukho lutho olungijabulisa njengokuzwa ukuthi abantwana bami bemi
eqinisweni.

UGayiyu unconywa ngokuphatha kahle izihambi

5Mzalwane, wethembekile impela kukho konke okwenzela abazalwane nalapho
beyizihambi.

6Lababantu bafike bakukhulumela kahle ebandleni ngothando obaphathe ngalo.
Baphe umphako wendlela njengalokhu kubafanele abakaNkulunkulu.

7Baphumile-ke bahamba babika indaba emnandi elanda ngoJesu Kristu.
Kabazange bavume ukusizwa ngabangakholwa bezizwe.

8Thina-ke esikholwayo kufanele sibasekele abanjalo sihlanganyele nabo
ekushumayeleni iqiniso.

UDiyotrefe usolwa ngento ayenzayo

9Ngililobele ibandla ngezinto ezithile, kodwa uDiyotrefe ongunontandakubukwa
wala ukhasha akafuni ukusilalela.

10Ngakhoke kuyothi ngingafika lapho, ngikhumbuze ibandla ngesenzo sakhe lapho
esingcofa esiqambela amanga aluhlaza. Akagcini lapho, ubuye futhi enqabe
ukungenisa abazalwane abayizihambi, abuye avimbele namakholwa lawo afuna
ukubemukela, awakhiphe ebandleni.

Ubufakazi obuhle ngoDemetriyo

11Mzalwane, ungasilandeli isibonelo esibi, kodwa landela esihle! Lowo owenza
okulungileyo ungokaNkulunkulu. Owenza ububi kamazi ukuthi ungubani
uNkulunkulu .

12UDemetriyo bamfakazela bonke ngisho neqiniso uqobo lwalo. Nathi-ke
siyamncoma, nawe wazi kahle ukuthi ubufakazi bethu buyiqiniso.

Ukuvalelisa

13Kuningi ebengizokutshela khona, kodwa angithandanga ukukuloba ngesandla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngiyethemba ukuthi ngiyosheshe ngikubone sikhulume umlomo nomlomo.

15Sala nokuthula! Abazalwane bakhonza indaba. Uze ungibonele kubazalwane bonke ngamunye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

EkaJudasi

EkaJudasi 1

Isibingelelo

1Lencwadi ivela kimi uJudasi inceku kaJesu Kristu engelamana noJakobe. Ngiyilobela nina eniqokwe nguNkulunkulu uYise onithandayo nonilondolozayo ngoJesu Kristu.

2UNkulunkulu akanenzele ububele, kuvame kini ukuthula nothando!

Abafundisi bamanga nokwahlulelwa kwabo

(2 Phetr 2:1-17)

3Bathandekayo bengisha amashushu ngifuna ukunilobela ngensindiso yethu sonke, kodwa manje sengithi anginilobele nginikhuthaze ukuba nikulwele lokho esikukholwayo okwethulwa ebandleni elingcwele likaKristu kwaba kanye.

4Kukhona abantu abathile abayizonakali asebengene isinyenyela phakathi kwenu, abantu okwashiwo ngabo kudala emibhalweni engcwele ukuthi bayobekwa icala balahlwe. Baphendukezela izwi elikhuluma ngomusa kaNkulunkulu balenze libe yizaba zokuphila ngendlela yokonakala. Bayaye baphike uJesu Kristu okunguye yedwa ongumbusi neNkosi yethu.

5Njengoba-ke nikwazi konke lokhu ngithanda ukunikhumbuza ukuthi iNkosi uSomandla yake yabophula abantu bayo kwelaseGibhithe, kodwa kuthe kamuva yababhubhisa labo abangakholwanga.

6Nezingilosi ezingaligcinanga ilungelo lobukhosi bazo kodwa zambuka zashiya ikomkhulu lazo ezulwini, seziboshwe ngezisinga ungunaphakade ebumnyameni obuthe khuhle, lapho uNkulunkulu ezigcine khona kuze kufike usuku olukhulu lokugcina, zahlulelwe.

7Khumbulani ukuthi imizi yaseSodoma naseGomora yabhujiswa kanye nemizi eyakhelene nayo. Abantu balapho balingisa lezizingilosi, bazinikela ebufebeni bobungqingili. Sebohlala njalo beyisibonakaliso sokujeziswa ngomlilo ovutha ungunaphakade.

8Kanjalo futhi lababantu bahuhwa yimibono yabo banukubeze imizimba yabo, badelele amandla obukhosi beNkosi, bahlambalaze izingilosi ezinodumo kweliphezulu.

9Ngisho noMikhayeli ingilosi engundunankulu kakwenzanga lokhu. Kwathi nalapho esexabene noSathane bebanga isidumbu sikaMose, kepha lengilosi kayilokothanga imthuke uSathane ngenhlamba lapho immangalela, kodwa yaphetha ngokuthi: “INkosi ayikujezise! ”

10Lababantu-ke bahlambalaza abangakwaziyo, nabakuqondayo ngezinzwa zemvelo, bakusebenzise bese bebhubha ngenxa yakho njengoba kwenza izilwane ezintula ingqondo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Maye kubo! Balandela emikhondweni kaKhayini; bathathekile beduka njengoBhalamu behahela ukuvuzwa ngemali. Bahlubuka njengoKhora, babhujiswa njengaye.

12Lapho nidla ndawonye enkonzweni, lababantu bayichilo, badla baphuze bazitike bangatheleki nakancane izinhloni. Banjengabelusi abagombela kwesabo bengaboneleli abanye. Banjengamafu angenamvula apheshulwa ngumoya. Bayimithi engatheliyo ngisho nasekwindla; yebo, banjengemithi esishulwe ngisho nezimpande zayo yafa ukufa.

13Bayaye babholokoqe amahlazo abo njengamaza adlangalalayo olwandle ekhihliza ingwebu. Bayantunta, banjengezinkanyezi eziguquguquka nomthala. Abantu abanje bagcinelwe isigayegaye esithe khace ungunaphakade.

14UEnokhi owayeyisizukulwane sesikhombisa kusukela kuAdamu, wabikezela ngabo emandulo wathi: “Niyabona, iNkosi iyeza nabangcwele bayo abayizigidi

15ukuzokwahlulela bonke abantu, ibajezise ngenxa yemisebenzi yabo yonke abayenzileyo bengamesabi uNkulunkulu nangenxa yamazwi abo onke anendluzula abawakhulume ngaye, lezizoni ezingamesabi uNkulunkulu.”

16Lababantu bayaye bakhonone babe nezinsolo, babuswe yizinkanuko zabo zemvelo. Bakhuluma uwangala, badude abanye ngokubatusa ukuba bagombele kwesabo bathole inzuzo.

Ukuxwayisa nokuyala

17Bathandekayo khumbulani enakushunyayezwa kudala ngabaphostoli beNkosi yethu uJesu Kristu!

18Bathi kini: “Ngezinsuku zokugcina kuyovela abantu abaklolodayo, bebuswa yizinkanuko zabo, bengamshayi mkhuba uNkulunkulu.”

19Yibo lababantu ababanga uqhekeko, babuswa yizinzwa zemvelo yabo, kababuswa nguMoya oyiNgcwele.

20Kepha nina bathandekayo, zakheni nigxile ekukholweni kwenu okungcwelengcwele, nikhuleke, uMoya oyiNgcwele unisize.

21Bambelelani othandweni lukaNkulunkulu nisalindele ukuba iNkosi yethu uJesu Kristu inenzele ububele, nithole ukuphila okuphakade.

22Yibani nesihe nihawukele abangabazayo,

23nibophule basinde emlilweni. Abanye bahawukeleni, kodwa nibe novalo nixwaye imikhuba yabo emibi, nenyanye amanyala abawenzayo kulokhukubuswa kwabo yizinkanuko zemvelo .

Indumiso

24Akadunyiswe onamandla okunilondoloza ningakhubeki, anilethe enkazimulweni yobukhosi bakhe ningenasici, niphuphuma injabulo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25UMvelinqangi okunguye yedwa osisindisayo ngoJesu Kristu iNkosi yethu,
udumo lungolwakhe nobukhosi namandla negunya, kusukela kwaphakade,
kunjalo namanje, koba njalo naphakade. Ameni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

IsAmbulo

IsAmbulo 1

Isambulo sikaJesu Kristu

1Kulombhalo kulotshwe ngezimfihlakalo ezijulileyo uNkulunkulu azembulela
uJesu Kristu ukuba akhombise izinceku zakhe lokho okuzokwehlakala masinyane.
UJesu wathumela ngengilosi yakhe kuJohane inceku yakhe, wamazisa
ngalezizimfihlakalo.

2UJohane uyafakaza kulencwadi ngakho konke akwelamelayo, ubika ngalokho
okushiwo nguNkulunkulu nokufakazwa nguJesu Kristu.

3Ubusisiwe oyofundela ibandla amazwi alesisiphrofetho, bayadela nalabo
abayowafundelwa, bakubeke enhliziyweni lokho okulotshiwe kuso, ngoba inkathi
yokugcwaliseka kwalezizinto isisemnyango.

Kubingelelwa amabandla ayisikhombisa

4NguJohane lona onilobelayo nina mabandla ayisikhombisa kwelaseAsiya.
Uthuma umkhonzo uthi: Nginifisela umusa nokuthula okuvela kuMvelinqangi,
yena okhona nowayevele ekhona nozayo, nakuyo imimoya eyisikhombisa ethe
shaye phambi kwesihlalo sakhe sobukhosi,

5nakuJesu Kristu, ufakazi owethembekileyo, ingqalabutho kulabo abavuswa
ekufeni, okunguyena yedwa obusa phezu kwamakhosi omhlaba. Usithandile;
sachithelwa igazi lakhe, sase sikhululwa ezonweni zethu.

6Wasimisela umbuso, saba ngabaphristi bokukhonza lowo onguNkulunkulu
wakhe noYise omzalayo. Udumo lungolukaJesu Kristu namandla ngawakhe
phakade naphakade. Ameni.

7Khangelani, nangu eza ngamafu! Amehlo onke ayakumbona, yebo
nabamgwazayo imbala. Izizwe zonke zomhlaba ziyodazuluka zilile ngenxa yakhe.
Yebo, kuyoba njalo!

8“Yimi owokuqala nowokugcina ,” isho kanjena iNkosi uMvelinqangi, yena okhona
nowayevele ekhona nozayo, uMninimandla onke.

Ukuvela kukaKristu ngesibonakaliso

9NginguJohane umzalwane wenu nomlandeli kaJesu. Ngihlanganyela kanye nani
ukuba sithwale ngesineke izinhlupheko ezehlela bonke abombuso wakhe. Ngaze
ngaba kulesisiqhingi sasePhathmosi nje kungoba ngashumayela izwi
likaNkulunkulu ngafakazela uJesu.

10Ngehlelwa uMoya kaNkulunkulu mhla wosuku lweNkosi, ngase ngizwa izwi
elikhulu lihlokoma njengecilongo ngemva kwami

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11lithi: “Kulobe emqulwini konke lokhu okubonayo, bese ukuthumela emabandleni ayisikhombisa: kwelasEfesu nelaseSmirna nelasePhergamo nelaseThiyathira nelaseSardisi nelaseFiladelfi nelaseLawodisiya.”

12Ngaphenduka ngabheka ngemuva kulowo owayekhuluma kimi. Kuthe ngiqeda ukuphenduka ngakhangwa yizibani eziyisikhombisa zichwanekwe ezintini ezikhandwe ngegolide.

13Phakathi kwazo kwakukhona owayemile efana neNdodana yesintu, evathe ezishaya ezinyaweni, ebophe ngomhizo wegolide ezibeleni.

14Izinwele zekhanda lakhe zazinjengoboya bemvu obumhlophe qwa, zinjengeqhwa, amehlo akhe ayebheje njengekloba lomlilo.

15Izinyawo zakhe zazicwazimula njengethusi elishiswe esithandweni somlilo ovutha ubuhanguhangu, nezwi lakhe lahlokoma ngesaho samanzi amaningi.

16Wayexhake izinkanyezi eziyisikhombisa ngesandla sokunene; emlonyeni wakhe kuvele inkemba ebukhali nxazombili, ukubukeka kwakhe wamengezela waxhopha njengelanga.

17Ngamuthi klabe qede ngafumbeka phambi kwakhe ngathi ja njengofileyo. Wayeselula isandla esengiphatha ngesokunene esethi: “Mus' ukwesaba! Mina ngingowokuqala nowokugcina

18nophilayo! Ingani ngangifile, kepha manje sengiphila ungunaphakade. Nginamandla okuvula ngivale ekufeni nasezweni labafileyo.

19Loba-ke wena ngalokho okubonileyo, okukhona nalokho okuyokwenzeka kamuva.

20Nanso-ke incazelo ngemfihlakalo emayelana nalezizinkanyezi eziyisikhombisa ozibonile ngiziphethe ngesandla sokudla, kanye nezibani eziyisikhombisa zegolide, kumi kanje: Izinkanyezi eziyisikhombisa ziyizingilosi ezimele amabandla ayisikhombisa, nezibani eziyisikhombisa ziyilawamabandla ayisikhombisa.”

IsAmbulo 2

Kuthunyelwa umkhonzo Efesu

1“Lobela ingilosi emela ibandla lasEfesu uthi kuyo: “ ‘Lawamazwi angumyalezo ovela kuye ophethe izinkanyezi eziyisikhombisa ngesandla sokunene, ohamba phakathi kwezibani zegolide eziyisikhombisa.

2Ngiyayazi imisebenzi yakho nokukhuthala kwakho nokubekezela kwakho. Ngiyazi ukuthi wena uyehluleka ukubabekezelela ababi. Wabavivinya labo abathi bona bangabaphostoli kepha bengesibo, wagcina ubabhadamile ukuthi kanti baqamba amanga.

3Unesineke wena, uhlushelwe ukuba ngowami wangadikibala.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Nokho kukhona engingakwenameli kuwe: Wena awusangithandi
njengasekuqaleni, usudambile.

5Cabanga-ke ngokuthi uze uwe nje udilikephi. Phenduka ezonweni zakho ubuye
wenze owawukwenza ekuqaleni. Uma ungaphenduki, ngiyofika kuwe
ngikwamuke isibani sakho ngisigudluze endaweni yaso.

6Kodwa kukhona into eyodwa engiyincoma kuwe yokuthi, uyayizonda imisebenzi
yamaNikholawo, nami imbala engiyizondayo.

7“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya oyiNgcwele ukhuluma uthini emabandleni! “
‘Onqobayo ngiyomnika ilungelo lokudla izithelo zomuthi wokuphila otshalwe
ePharadisi likaNkulunkulu.’

Kuthunyelwa umkhonzo eSmirna

8“Lobela ingilosi emele ibandla laseSmirna uthi kuyo: “ ‘Lokhu kungumyalezo
ovela kuye ongowokuqala nowokugcina, owafayo waphinde waphila futhi.

9Ngiyazazi izinsizi zakho, nobuswezi bakho ngiyabazi — kodwa-ke eqinisweni
lonke wena unothile. Ngiyazazi nezinto ezimbi abakunukubeza ngazo laba
abazibiza ngokuthi bangamaJuda bengesiwo; empeleni bayiqembu lakwaSathane.

10Ningazesabi izinhlupheko enisazodlula kuzo. Niyabona, uSathane
usazonivivinya ngokunifaka ejele, kodwa izinsuku zokuhlupheka kwenu ziyokuba
yishumi kuphela. Yethembekani kimi ngisho sekuthiwa niyabulawa, kulapho-ke
ngiyonivuza khona ngomqhele wokuphila.

11“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya ukhuluma uthini emabandleni! “ ‘Ukufa
kwesibili akuyumenza lutho lowo onqobayo.’

Kuthunyelwa umkhonzo ePhergamo

12“Lobela ingilosi emele ibandla lasePhergamo uthi kuyo: “ ‘Ngumlayezo lona
ovela kulowo ophethe inkemba ebukhali esika nxazombili.

13Ngiyakwazi lapho uhlala khona, lapho uSathane emise khona isihlalo sakhe
sobukhosi. Wena wethembekile kimi, awuliphikanga igama lami nalapho
sekubulawa uAntiphasi ufakazi wami othembekileyo, ebulawelwa lapho kuzinze
khona uSathane.

14Kunezintwana ezithile ongikhononisa ngazo: Kukhona abathile lapho phakathi
kwenu asebethatheke qede balandela izifundiso zikaBhalamu, yena lowo
owafundisa uBhalakhi ukuba ayengele abakwaIsrayeli ekoneni, ebahunga ukuba
bazikholise ngezidlo ezinikelwe ezithixweni, wabuye wabahuhela emanyaleni
obufebe.

15Kanjalo-ke futhi kukhona nabanye phakathi kwenu abalandela izifundiso
zamaNikholawo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Ngithi phenduka! Uma ungakwenzi lokho ngiyeza kuwe khona manje ngifike
ngilwe nalabobantu ngibagwaze ngalenkemba esemlonyeni wami.

17“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi ukhuluma uthini uMoya emabandleni! “ ‘Onqobayo
ngiyomupha imana ethukusiweyo. Ngiyomnika itshe elimhlophe okulotshwe kulo
ibizo elisha elingaziwa muntu, ngaphandle kwalowo olamukelayo yena yedwa.’

Kuthunyelwa umkhonzo eThiyathira

18“ ‘Loba lawamazwi uwabhekise engilosini emele ibandla laseThiyathira uthi
kuyo: “ ‘Umlayezo lona uvela eNdodaneni kaNkulunkulu, emehlo ayo avutha
ilangabi, enyawo zayo zicwazimula njengethusi lishukuliwe.

19Ngiyayazi imisebenzi yakho. Ngiyalwazi uthando lwakho nokukholwa kwakho
nokukhonza kwakho nokubekezela kwakho, nokuthi ukhuthazela kakhulu manje
kunakuqala.

20Nokho okungicunulayo kuwena yilokhu: Ubekezelela lomfazi okuthiwa
nguJezebheli, ozibiza athi ungumbholofidi. Izifundiso zakhe zedusa izisebenzi
zami ukuba zenze amanyala obufebe zidle izidlo eziphakelwe izithixo.

21Ngimnikezile ithuba lokuba aphenduke kulawamanyala akhe, kodwa akavumi.

22Ngizosuke ngimdaklaze phansi okhukhweni lokugula, ngibehlisele ukuhlupheka
okukhulu nalabo abaphinga naye, uma bengaphenduki ezenzweni zabo
benalomfazi.

23Ngiyolubhubhisa ngembo usapho lwakhe lufe; namabandla onke aseyokwazi
ukuthi nginguye ohlola izizindlo nezilokotho zabo bonke abantu, sengiyonivuza
yilowo nalowo njengokwemisebenzi yakhe.

24“ ‘Nakhu engikusho kini nina baseThiyathira, nina nonke eningasilandelanga
lesisifundiso esibi, eningazifundisanga lokho abathi kuyimihlolo ejulileyo
kaSathane. Ngithi-ke kini, angiyikunigidlabeza ngeminye imithwalo phezu
kwaleyo ekhona.

25Bambelelani kulokho eninakho ningakudedeli ngize ngibuye.

26“ ‘Onqobayo enze intando yami kuze kube sekugcineni, ngiyomupha ilungelo
lokubusa izizwe.

27“ ‘Uyakuzibusa ngesandla esiqine njengensimbi aziphahlaze zife okwembiza
yebumba, “ ‘njengalokhu nami engiphile lawamandla uBaba.

28Ngiyakumnikeza ikhwezi lokusa.

29“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya ukhuluma uthini emabandleni! ’

IsAmbulo 3

Kuthunyelwa umkhonzo eSardisi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1“Loba ubhekise engilosini emele ibandla laseSardisi uthi kuyo: “ ‘Lawa ngamazwi
alowo ophethe imimoya eyisikhombisa kaNkulunkulu kanye nezinkanyezi
eziyisikhombisa. Ngiyayazi imisebenzi yakho, ngiyazi ukuthi udume ngokuthi
uyaphila kanti ufile.

2Phaphama, usimamise lokho okuseleyo obesekulayela sekuzokufa, ngoba
ngiyithola imisebenzi yakho ingaphelele phambi kukaNkulunkulu wami.

3Ake ukhumbule lokho okwamukelisiwe wakuzwa, ukulalele uphenduke ekoneni
kwakho. Uma wenqaba ukuphaphama ngizokunyonyobela njengesela, ngeke-ke
wazi ukuthi ngiyofika ngasiphi isikhathi kuwe.

4Nokho kusekhona abantu abambalwa eSardisi ababengakazingcolisi izevatho
zabo; labo-ke bayohamba nami bevathe ezimhlophe ngoba kubafanele.

5“ ‘Onqobayo uyovathiswa ngezimhlophe, negama lakhe angisoze ngalesula
encwadini yokuphila; ngiyakumvuma phambi kukaBaba naphambi kwezingilosi
zakhe.

6“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya ukhuluma uthini emabandleni! ’ ”

Kuthunyelwa umkhonzo eFiladelfi

7“Nakuyo ingilosi emele ibandla eliseFiladelfi loba-ke uthi: “ ‘Lawa ngamazwi
alowo oNgcwele onguYenayena, ophethe isihluthulelo sikaDavide. Lapho evula
khona akuvali muntu, nalapho evala khona akuvuli muntu.

8“ ‘Ngiyayazi imisebenzi yakho, nokuthi amandla akho mancane, nokho kodwa
ubambelele ezwini lami, wangaliphika igama lami uthi awulazi. Ngikuvulele
umnyango ongenakuvalwa muntu.

9Ake ulalele! Abeqembu lakwaSathane, ohubhukabhejane abazibiza ngokuthi
bangamaJuda bengesiwo, ngiyobathobisa beze begaqa bazilahle phambi kwakho.
Bayonanela ukuthi ngikuthanda ngempela wena.

10Uwuhloniphile umyalo wami wabekezela ngesineke, nami-ke ngiyokuhlenga nxa
sekufika isikhathi sokuhlupheka esizowehlela wonke umhlaba ukuba labo
abawakheleyo bavivinywe.

11Ngiyeza masinyane. Londoloza okuphetheyo, ungawemukwa muntu umqhele
wakho.

12“ ‘Onqobayo ngiyomenza insika ethempelini likaNkulunkulu wami, angaphinde
adede kulo. Ngiyoloba kuye ibizo likaNkulunkulu wami, negama obizwa ngalo
umuzi kaNkulunkulu wami, iJerusalema elisha eliyokwehla livela kuNkulunkulu
wami ezulwini. Ngiyobuye ngilobe kuye igama elisha engibizwa ngalo.

13“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya ukhuluma uthini emabandleni! ’

Kuthunyelwa umkhonzo eLawodisiya

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14“Loba ubhekise engilosini emele ibandla laseLawodisiya uthi kuyo: “ ‘Yiwo lomlayezo ovela kulowo okuthiwa nguAmeni, ufakazi owethembekileyo noqinisileyo, oyisisusa sayo yonke indalo kaMvelinqangi.

15Ngiyayazi imisebenzi yakho, ngiyazi ukuthi wena kawushisi kawubandi. Ngithanda sengathi ungamane ubande noma ushise.

16Njengoba awushisi kanti futhi awubandi kodwa uyisivivi, ngizokuphimisa uphume emlonyeni wami.’

17Uyazinweba uthi: ‘Nginothile, ngizinqwabele umnotho angiswele lutho.’ Awuboni ukuthi nguwe kanye obuswezi odabukisayo. Umpofu uphuphuthekile, futhi uhlubule.

18Ngikweluleka-ke ukuba uthenge kimi igolide elicolwe ngomlilo, ukuze ucebe. Thenga nezingubo ezimhlophe wembathe ufihle ihlazo lobunqunu bakho. Thenga isimonyo ongasininda emehlweni akho ukuze ubone.

19Ngiyabalaya ngibajezise bonke engibathandayo. Ngakhoke khuthazela uphenduke!

20Nakhu lapha ngimi ngasemnyango ngiyangqongqotha! Uma kukhona olizwayo izwi lami avule emnyango ngiyongena ngidle naye, naye adle nami.

21“ ‘Onqobayo ngiyomnika ilungelo lokuhlala kanye nami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokhu nami nginqobile, sengihlezi noBaba esihlalweni sakhe sobukhosi.

22“ ‘Onendlebe akezwe ukuthi uMoya ukhuluma uthini emabandleni! ’ ”

IsAmbulo 4

Inkonzo yasezulwini

1Kulapho-ke ngabheka khona ngabona umnyango ugengelezile ezulwini. Ngase ngizwa izwi limpompoloza njengecilongo, elalowo owayekade ekhuluma kimi, lathi: “Ake uze lapha nce ngikukhombise okuyokwenzeka kamuva! ”

2Khona manjalo ngathwetshulwa nguMoya oyiNgcwele ngase ngibona isihlalo sobukhosi ezulwini, kukhona owayehlezi kuso.

3Lowo owayehlezi lapho wayemanyazela ukubukeka kwakhe enjengedayimane netshelegugu elibubende. Isihlalo sobukhosi sasihaqwe uthingo lwenkosazana olwaluluhlaza luthe cwe njengesmaragidu ukubukeka kwalo.

4Isihlalo sobukhosi sazungezwa ngezinye izihlalo zobukhosi ezingamashumi amabili nane okwakuhlezi kuzo izigele ezingamashumi amabili nane, zivathe izambatho ezimhlophe, zinqwaze imiqhele yegolide.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Kwakubonakala imibani, kwezwakala nenhlokomo nesaho sobundindindi, kuvela esihlalweni sobukhosi. Kulokhu kuvutha izihlonti zomlilo eziyisikhombisa phambi kwesihlalo sobukhosi, eziyimimoya eyisikhombisa kaNkulunkulu.

6Kwase kubonakala ichibi elicwathe njengocwebe, lisalwandle. Isihlalo sobukhosi sasizungezwe nxazonke yizidalwa ezine eziphilayo ezazinamehlo ayemilile emizimbeni yazo ngaphambili nasohlangothini olungemuva.

7Isidalwa sokuqala sasifana nengonyama, esesibili sifana neduna, esesithathu sinobuso bomuntu, esesine sifana nokhozi olundizayo.

8Lezizidalwa ezine zazinamaphiko ayisithupha ngasinye, embethwe ngamehlo ngaphakathi nangaphandle. Aziphezi ukuhuba imini nobusuku zithi: “Ungcwele, ungcwele, ungcwele uSimakade uMvelinqangi uMninimandla onke, owayevele ekhona nokhona manje nozayo.”

9Kuthi njalo lapho lezizidalwa zimdumisa zimkhonza zimbongela lowo ohlezi esihlalweni, yena ophila phakade naphakade,

10izigele ezingamashumi amabili nane zithi vumbe phansi zimguqele lowo ohlezi esihlalweni, zimkhonza yena ophila phakade naphakade, ziphonsa imiqhele yazo phambi kwesihlalo sobukhosi zithi:

11“Ufanele wena Nkosi yethu Mvelinqangi ukwamukela ubukhosi nodumo namandla, ngokuba nguwena owadala konke; ngentando yakho wakwenza ukuba kube khona kuphile.”

IsAmbulo 5

Umqulu neWundlu lemvu

1Ngase ngibona umqulu esandleni sokunene salowo owayehlezi esihlalweni sobukhosi, ulotshwe ngapha nangapha kwawo, wawusunanyekwa ngezisicilelo eziyisikhombisa zengcino.

2Ngase ngibona ingilosi enamandla imemezela ngezwi elikhulu ithi: “Ngubani ofanele ukunamulula izisicilelo asombulule umqulu na? ”

3Akubangakho muntu ezulwini nasemhlabeni nangaphansi komhlaba owaba namandla okusombulula umqulu kumbe alunguze kuwo.

4Ngadinda isililo lapho kungasaveli muntu owayengasombulula umqulu alunguze kuwo.

5Kwase kusuka esinye sezigele sesithi kimi: “Ungakhali! Bheka lapha! Lowo oyiNgonyama yomndeni wakwaJuda, ihlumela lempande kaDavide, nguyena onqobile, nguye okwazi ukunamulula izisicilelo, asombulule umqulu.”

6Ngase ngibona kumi entendeni yesihlalo sobukhosi iWundlu lemvu, lizungezwe yizidalwa ezine eziphilayo nezigele. Kwakusengathi lihlatshiwe. Lalinezimpondo

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

eziyisikhombisa namehlo ayisikhombisa, ayimimoya eyisikhombisa kaNkulunkulu ethunyelwa kuwo wonke umhlaba.

7Laya lawuthatha umqulu esandleni sokudla salowo owayehlezi esihlalweni sobukhosi.

8Kuthe lingawuthatha umqulu, izidalwa ezine eziphilayo nezigele ezingamashumi amabili nane zaguqa phambi kweWundlu, sisinye siphethe ugubhu nomcakulo okhandwe ngegolide ugcwele impepho, okuyimikhuleko yabangcwele.

9Zase zihlaba ihubo elisha zithi: “Ufanele ukuthatha umqulu unamulule nezisicilelo, ngokuba wena wahlatshwa, abantu wabahlengela uNkulunkulu ngokuchitheka kwegazi lakho, bevela kuyo yonke imindeni nezilimi nezinhlanga nezizwe,

10wabamisela umbuso wabenza abaphristi bokukhonza uNkulunkulu wethu, bayowubusa umhlaba.”

11Ngabheka ngase ngizwa izwi lezingilosi, izinkulungwane zezigidi ngezigidi. Zazihaqe isihlalo sobukhosi nezidalwa ezine eziphilayo nezigele.

12Zahuba ngezwi elikhulu zithi: “IWundlu elahlatshwayo lifanele ukwamukela umbuso nomcebo, ukuhlakanipha namandla, ukuhlonishwa nodumo nokubongwa.”

13Ngakuzwa konke okudaliweyo okusezulwini nasemhlabeni nangaphansi komhlaba nasolwandle, konke okukhona, kuthi: “Lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi akabongwe kanye neWundlu, ahlonishwe adunyiswe abuse phakade naphakade! ”

14Izidalwa ezine eziphilayo zenanela zathi: “Ameni,” nezigele zaguqa phansi zakhuleka.

IsAmbulo 6

Izisicilelo

1Ngase ngilibona iWundlu linamulula isisicilelo sokuqala kweziyisikhombisa, kwase kukhuluma esinye sezidalwa ezine eziphilayo, sisho ngezwi elezwakala njengokuduma kwezulu, sithi: “Phuma! ”

2Ngithe ngibona kwase kuba khona ihhashi elimhlophe. Ingibeli yalo yayiphethe umcibisholo, yayisinikezwa umqhele wokunqoba, yaphuma ingenqobayo ukuba inqobe.

3Kuthe lapho selinamulula isisicilelo sesibili, ngase ngizwa isidalwa sesibili esiphilayo sithi: “Phuma! ”

4Kwase kuqhamuka elinye ihhashi elibomvu klebhu njengekloba lomlilo. Ingibeli yalo yanikezwa ilungelo lokwephuca umhlaba ukuthula kwawo ukuba abomhlaba babulalane, wayesenikezwa inkemba enkulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Kuthe lapho linamulula isisicilelo sesithathu ngezwa isidalwa sesithathu esiphilayo sithi: “Phuma! ” Ngase ngibheka. Nakho-ke sekuqhamuka ihhashi elimnyama, ingibeli yalo iphethe ngesandla isilinganiso sesisindo.

6Ngase ngizwa okufana nezwi lomuntu phakathi esijwini sezidalwa ezine eziphilayo lithi: “Kothengiswa imbenge kakolweni ngohlamvu olulodwa lwemali ekhandwe ngesiliva, nezimbenge ezintathu zikabhali ngohlamvu olulodwa. Kodwa ungawoni amafutha newayini! ”

7IWundlu lase linamulula isisicilelo sesine, ngezwa isidalwa sesine sithi: “Phuma! ”

8Ngabheka ngase ngibona ihhashi elimbala walo limthuqu, igama lengibeli yalo kwathiwa nguKufa; walandelwa nguGoqanyawo. Banikezwa amandla phezu kwengxenye yesine yomhlaba, ukuba babulale abantu ngempi nangendlala nangembo nangezilwane zasendle.

9Lapho selinamulula isisicilelo sesihlanu ngabona phansi kwelathi imiphefumulo yalabo ababekade bebulawelwe izwi likaNkulunkulu belifakazela.

10Bamemeza ngezwi elikhulu bathi: “Wo Nkosi Somandla, wena ongcwele noqinisileyo, sekuyoze kube nini ubehlulele ukhokhise ngegazi lethu kwabomhlaba abasibulalayo na? ”

11Base benikwa ingubo emhlophe emunye, kwathiwa ake baphumule kancane, kuze kuphelele isibalo sezinceku abakanye nazo nesabazalwane ababesazobulawa njengabo.

12Kuthe lapha selinamulula isisicilelo sesithupha ngabheka. Nakho-ke ukuzamazama komhlaba okwesabekayo, ilanga lafiphala laba mnyama njengesidwashu, inyanga yabheja yabomvu njengegazi.

13Izinkanyezi zaqathaka esibhakabhakeni zawela emhlabeni njengomkhiwane uvuthuka izithelo zawo eziseluhlaza uma sekubhenguza isiphepho.

14Isibhakabhaka sanyamalala sasongwa njengomqulu ugoqwa, nezintaba neziqhingi zagudluzwa ezindaweni zazo.

15Amakhosi omhlaba nababusi nezikhulu, izicebi neziphathimandla nabo bonke abantu, izigqili nabakhululekileyo, bonke bazifihla emihhumeni nangaphansi kwamadwala eziweni.

16Bamemeza izintaba namadwala bathi kuwo: “Ake nidilikele phezu kwethu nisisithe emehlweni alowo ohlezi esihlalweni sobukhosi, nasolakeni lweWundlu.

17Usuku olwesabekayo lwentukuthelo yabo lufikile. Ngubani ongalumela na? ”

IsAmbulo 7

Izinkulungwane zakwaIsrayeli zishaywa uphawu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

1Emva kwalokhu ngabona izingilosi ezine zimi emagumbini omane omhlaba,
zibambe imimoya yomine yomhlaba, ukuba kungavunguzi moya ezweni kumbe
elwandle, kumbe uphephethe kwasihlahla.

2Ngase ngibona enye ingilosi yenyuka ngasempumalanga, iphethe isisicilelo
sokushaya uphawu lukaNkulunkulu ophilayo. Yamemeza ngezwi elikhulu ikhuza
izingilosi ezine ezazinikwe amandla okwenzakalisa umhlaba nolwandle,

3ithi kuzo: “Ningawulimazi umhlaba nolwandle nemithi singakalushayi uphawu
ebunzini lezinceku zikaNkulunkulu wethu.”

4Ngase ngizwa ukuthi bangaki ababeshaywe uphawu; babeyizinkulungwane
eziyikhulu elinamashumi amane anane, bevela emindenini yonke yamadodana
kaIsrayeli.

5Izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaJuda,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaRubheni,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaGadi.

6Izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwa-Asheri,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaNaftali,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaManase.

7Izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaSimiyoni,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaLevi,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaIsakhari.

8Izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaZabuloni,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaJosefa,
izinkulungwane eziyishumi nambili zavela emndenini wakwaBhenjamini.

Izindimbane eziqhamuka ezizweni ngezizwe

9Emva kwalokhu ngabheka ngabona isinyokotho soquqaba olukhulu lwabantu
ababengenakubalwa ubuningi babo, bevela kuzo zonke izizwe nemindeni
nezinhlanga nezilimi, bemi phambi kwesihlalo sobukhosi naphambi kweWundlu,
bembethe izevatho ezimhlophe bephethe amahlamvu esundu ngesandla

10bememeza ngezwi elikhulu bethi: “Insindiso ivela kuNkulunkulu wethu ohlezi
esihlalweni sobukhosi nakulo iWundlu.”

11Izingilosi zonke zema zahaqa isihlalo sobukhosi nezigele nezidalwa ezine
eziphilayo. Base bewa bonke bethi mbo ngobuso phambi kwesihlalo sobukhosi
badumisa uMvelinqangi,

12bethi: “Ameni. Ukubongwa nokudunyiswa nokuhlakanipha nokutuswa
nokuhlonishwa nokubusa namandla ngokukaNkulunkulu wethu phakade
naphakade. Ameni.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Esinye isigele sangibuza sathi: “Bangobani laba abevathe ezimhlophe, bavelaphi na? ”

14Ngase ngithi: “Uyazi wena nkosi.” Sase sithi kimi: “Yibo laba abavela ekuhluphekeni okukhulu. Bazihlanzile izingubo zabo bazenza zaba mhlophe ngegazi leWundlu.

15Kungakho bemi phambi kwesihlalo sobukhosi bukaNkulunkulu bemkhonza imini nobusuku ethempelini lakhe. Lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi uyobafukamela abavikele ngobukhona bakhe.

16Abasayikulamba, abasayikoma abasayikushiswa yilanga noma isivuthevuthe.

17Ngokuba iWundlu eliphakathi nendawo yesihlalo sobukhosi liyakubelusa libaholele emanzini okuphila okuphakade, uNkulunkulu abesule zonke izinyembezi emehlweni abo.”

IsAmbulo 8

Isisicilelo sesikhombisa nesigobongo segolide

1Kuthe lapho iWundlu linamulula isisicilelo sesikhombisa kwathula kwathi cwaka ezulwini kwaze kwankathi .

2Ngase ngibona izingilosi eziyisikhombisa ezijinge zimi phambi kukaNkulunkulu, zase zinikezwa amacilongo ayisikhombisa.

3Kwasuka enye ingilosi eyayiphethe isigobongo sokushisa impepho esikhandwe ngegolide, yeza yema ngaselathini. Yanikezwa impepho eningi ukuba iyenezelele emikhulekweni yabangcwele bonke, iyethule elathini legolide elihlala njalo limise phambi kwesihlalo sobukhosi.

4Umusi wempepho owethulwa ingilosi wenyukela phambi kukaNkulunkulu uxubene nemikhuleko yabangcwele.

5Ingilosi yathatha isigobongo sempepho yasigcwalisa ngomlilo waselathini, yasijwiba emhlabeni. Kwezwakala ubundindindi nokukleklebula kokuduma, kwanyazima umbani kwazamazama umhlaba.

Amacilongo

6Izingilosi eziyisikhombisa ezaziphethe amacilongo ayisikhombisa zalungela ukuwabetha.

7Ingilosi yokuqala yalibetha icilongo. Kwawa isichotho nomlilo uxubene negazi phezu komhlaba. Kwashiswa ingxenye yesithathu yomhlaba nengxenye yesithathu yezihlahla nakho konke okungutshani kwasha kwangqongqa.

8Yayisibetha ingilosi yesibili, kwabonakala isizemazema esifana nentaba, silephuka umlilo sathiwa gqumbu olwandle. Ingxenye yesithathu yolwandle yaphenduka igazi,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9nengxenye yesithathu yezinto eziphilayo olwandle yafa, nengxenye yesithathu yemikhumbi yaphihlizwa.

10Ingilosi yesithathu yabetha icilongo. Kwaqathaka inkanyezi enkulu ivela emkhathini, ivutha ilangabi njengesihlanti somlilo, yaze yayowela engxenyeni yesithathu yemifula neziphethu zamanzi.

11Igama laleyonkanyezi lithiwa nguMhlonyane. Ingxenye yesithathu yamanzi yaphenduka yababa njengomhlonyane, kwase kufa abantu abaningi abawaphuzayo lawomanzi, ngoba ayesethakwe ngobuthi.

12Ingilosi yesine yayisilibetha icilongo layo, kwase kushaywa ingxenye yesithathu yelanga, kwashaywa nengxenye yesithathu yenyanga nengxenye yesithathu yezinkanyezi, konke lokhu kwafiphala ingxenye yesithathu yakho, akwaze kwakhanya ngokugqama, akubange kusaba khona ukukhanya engxenyeni yesithathu yosuku, nakanjalo nasengxenyeni yesithathu yobusuku.

13Ngase ngibheka ngezwa ukhozi lundizela phakathi nomkhathi luklabalasa luthi: “Maye! Maye! Maye! Bazokubona bakubelethe abantu bomhlaba lapho amacilongo asasilele ekhala, njengoba esazobethwa yizingilosi ezintathu nje! ”

IsAmbulo 9

1Yayisilibetha icilongo ingilosi yesihlanu, ngabona inkanyezi eyayiqathake emkhathini iwela emhlabeni; yanikezwa amandla okuvula ivale umgodi ongulasha.

2Inkanyezi yawuvula umgodi wakwalasha, kwase kwenyuka isikhatha sentuthu engangeyesithando somlilo omkhulu, yenyuka intuthu kwafiphala ilanga nomkhathi wasithakala.

3Kwase kuthushuka izinkumbi zivela entuthwini zathelekela umhlaba. Zaziphiwe amandla okuqosela njengofezela basendle.

4Zakhuzwa kwathiwa mazingoni lutho oluwutshani bomhlaba kumbe naluphi uhlaza olumilayo, kwasihlahla lesi, kodwa kwathiwa mazisukele kuphela abantu abangashaywanga uphawu lukaNkulunkulu emabunzini abo.

5Zavunyelwa kuphela ukubahanqaza abomhlaba izinyanga eziyisihlanu, kodwa zingababulali. Ubuhlungu bakhona babunjengokutinyela kukafezela, lapho eqosela umuntu.

6Ngalezozinsuku abantu bayofisa ukufa, kodwa ukufa kungenzeki kubo, bayothanda ukuba bafe, kepha ukufa kuyobabalekela.

7Ukubukeka kwazo izinkumbi kwakufana nokwehhashi lidlubhele impi. Emakhanda azo zazinqwaze ngezinto ezithi azifuze umqhele wegolide, ubuso bazo babufana nobabantu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[8]Izinwele zazo zazifuze amagoda esimame; amazinyo azo ayefana nawezingonyama.

[9]Zazinezingcwecwe ezazifana nokhethe olwaluvikele izifuba zazo. Amaphiko azo ayebanga umsindo owawungangowezinqola zamahhashi amaningi ehlangabezana nempi.

[10]Zazinemisila njengofezela, nezindosi; amandla azo okulimaza abantu izinyanga eziyisihlanu asemisileni yazo.

[11]Inkosi ebusa phezu kwazo yingilosi eyona ibusa emgodini wakwalasha, egama layo kuthiwa nguAbhadoni ngesiHebheru, bese kuthiwa nguApholiyoni ngesiGriki.

[12]Usizi lokuqala selwedlulile, kepha-ke bheka kusazofika ezinye ezimbili.

[13]Yayisibetha icilongo layo ingilosi yesithupha, ngase ngizwa izwi liqhamuka ezimpondweni ezine zelathi legolide eliphambi kukaNkulunkulu.

[14]Lalithi kulengilosi yesithupha eyayiphethe icilongo: “Ake ukhulule izingilosi ezine ezilokhu zibanjiwe ngasemfuleni omkhulu iYufrathe! ”

[15]Zase zidedelwa-ke izingilosi ezine ezazikade zibanjiwe zilindele sona lesisikhathi nosuku lolo nenyanga yona leyo nonyaka wona lowo ukuba zibulale ingxenye yesithathu yohlanga lwesintu.

[16]Ngase ngaziswa ukuthi mangaki amabutho ayeyizinkweli zamahhashi: ayeyizigidi ezingamakhulu amabili.

[17]Ngawabona kanjalo-ke amahhashi embonweni wami nabagibeli bawo: babegqoke izinkethe ezinogqinsi ezifubeni zabo. Umbala wazo wawubomvu njengomlilo, uluhlaza njengesibhakabhaka sekuhlwile, uliphuzi njengesibabule. Amakhanda amahhashi ayefana nezinhloko zamabhubesi, kujinge kuphuma umlilo nentuthu nesibabule emilonyeni yawo.

[18]Kwabulawa ingxenye yesithathu yesintu ibhujiswa ngalezizinhlupho ezintathu: ngomlilo nangentuthu nangesibabule okwakuphuma emilonyeni yawo.

[19]Amandla alawamahhashi asemilonyeni nasemisileni yawo, imishoba yawo injengezinyoka, inamakhanda okuyiwona alimaza ngawo.

[20]Abantu abayinsali abangafanga kulezizinhlupho abazange baphenduke bashiye imiphuhle yezithixo abazenzele yona, bayeke ukukhothamela imimoya emibi, bakhonze izithixo zegolide nezesiliva nezethusi nezamatshe nezokhuni ezingakwazi ukubona kumbe zizwe ngendlebe zihambe ngonyawo.

[21]Abaphendukanga ezonweni zabo zokubulala nokuthakatha nokwenza amanyala obufebe nokweba.

IsAmbulo 10

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ingilosi nomqulu omncane

1Ngase ngibona enye ingilosi enamandla amakhulu yehla ezulwini, izigubuzele
ngefu yasho ngothingo lwenkosazana phezu kwekhanda layo, ubuso bayo
bunjengelanga, nemilenze yayo injengezinsika zomlilo.

2Ngesandla sayo yayiphethe umqulu omncane uvuliwe. Yayisigxamalaza unyawo
lwayo lwesokudla yalubeka olwandle, olwesinxele yalubeka emhlabeni.

3Yamemeza ngezwi elikhulu elezwakala njengokubhodla kwezingonyama. Kuthe
lapho ikhonya kwaye kwenanela ukuduma okukasikhombisa.

4Lapho ukuduma sekusho kasikhombisa, ngase ngicuthela ukuloba, kepha ngezwa
izwi livela ezulwini lithi kimi: “Kuvalele esifubeni lokho okukhulunywe ukuduma
okukasikhombisa, ungakulobi phansi! ”

5Ingilosi engayibona igxamalaze phezu kolwandle nomhlaba yaphakamisa isandla
sokunene yasikhomba ezulwini.

6Yafunga igama likaMvelinqangi ophilayo phakade naphakade, owadala izulu
nakho konke okukulo, nomhlaba nakho konke okukuwo nolwandle nakho konke
okukulo. Yayisithi ingilosi: “Akusezukulitshalwa!

7Kuyothi lapho ingilosi yesikhombisa isibetha icilongo layo, bese uNkulunkulu
elifeza lonke iqhinga lakhe eliyimfihlo alisophile alazisa izinceku zakhe
abaphrofethi.”

8Lelozwi engangikade ngilizwa livela ezulwini laphinda futhi lathi kimi: “Hamba
uthathe umqulu ovulekileyo osesandleni sengilosi egxamalaze phezu kolwandle
nomhlaba.”

9Ngaya kuyo ingilosi ngafike ngayicela ukuba inginike umqulu. Isithi kimi:
“Uthathe uwudle! Uzobaba esiswini sakho, kodwa ube mtoti njengoju emlonyeni
wakho.”

10Ngawuthatha-ke umqulu omncane esandleni sengilosi ngawudla. Waba mnandi
njengoju emlonyeni wami, kodwa kuthe lapho ngiqeda ukuwudla
wangiphendukela wababa esiswini.

11Kwase kuthiwa kimi: “Kumele uphinde umemezele isiphrofetho esiqondene
nezizwe eziningi nezinhlanga nezilimi namakhosi.”

IsAmbulo 11

Ofakazi ababili

1Nganikwa induku yokulinganisa efana nothi kwathiwa: “Ake ulinganise ithempeli
nelathi likaNkulunkulu, ubale nalabo abasonta kulona,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2kodwa ungayilinganisi inkundla engaphandle kwethempeli. Yiyeke ngoba
inikelwe abezizwe abangakholwayo abayowunyathela lomuzi ongcwele izinyanga
ezingamashumi amane nambili.

3Ngiyothumela ofakazi bami ababili bembethe amasaka, bafike baphrofethe
izinsuku eziyinkulungwane enamakhulu amabili namashumi ayisithupha.”

4Ofakazi laba bayiyo leminqumo emibili nemiphini emibili yezibani emi phambi
kukaSimakade iNkosi yomhlaba.

5Uma kukhona olinga ukubalimaza, kuvele kuqhamuke ilangabi liphume
emilonyeni yabo libhubhise izitha zabo; yilowo nalowo ozama ukubenzakalisa
uyobulawa kanjalo.

6Banamandla okuvala izulu lingavezi mvula ngesikhathi besaphrofetha. Baphiwe
ilungelo lokubusa phezu kweziphethu zamanzi, ukuba bawaguqule abe yigazi;
baphiwe namandla okushaya umhlaba noma ngayiphi inhlupho baphindelele
ngokuthanda kwabo.

7Kuyothi lapho sebefakazile baqeda kwenyuke isilo siphume kwalasha
sibahlasele. Siyobehlula bese sibabulala.

8Izidumbu zabo ziyondindiliza emgwaqweni walomuzi omkhulu lapho iNkosi
yabo yabethelwa khona esiphambanweni. Ibizo lalomuzi ngokomoya kuthiwa
uyiSodoma neGibithe.

9Abantu bazo zonke izinhlanga nemindeni nezilimi nezizwe bayogqolozela
izidumbu zabo izinsuku ezintathu nengxenye. Bayokwala ukuba lezizidumbu
zingcwatshwe.

10Abantu bomhlaba bayojabula bangcingcize ngokubulawa kwalaba ababili,
ngenxa yokwenama kwabo baze bakhonzelane ngezipho, ngoba lababaphrofethi
babekade beyiva enyameni kwabomhlaba.

11Kodwa emva kwezinsuku ezintathu nengxenye kwangena kubo umoya
ophilisayo uvela kuNkulunkulu, base bevuka gubhu. Bonke labo abababonayo
behlelwa ukwesaba okukhulu.

12Laba ababili bezwa izwi elikhulu livela ezulwini lithi: “Yenyukani nize lapha! ”
Base benyukela ezulwini ngodumo lwefu, izitha zabo zibukela.

13Maduze nje kwase kudikizela umhlaba ngesankahlu esibi, kwadilika ingxenye
yeshumi yomuzi, kwafa abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa
kulokhokuzamazama. Insali yabantu yangenwa yingebhe yayisiphakamisa udumo
lukaNkulunkulu wezulu.

14Isigemegeme sesibili sesidlulile, kodwa nakho-ke! Kusazovela enye inhlekelele
yesithathu maduze nje.

Icilongo lesikhombisa

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Ingilosi yesikhombisa yayisibetha icilongo layo, kwase kuzwakala amazwi ahlokomayo ezulwini ethi: “Umbuso wasemhlabeni usuphenduke umbuso kaSimakade iNkosi yethu nomgcotshwa wakhe, useyobusa phakade naphakade.”

16Izigele ezingamashumi amabili nane eziqhwakela ezihlalweni zazo zobukhosi phambi kukaNkulunkulu zawa zathi mbo ngobuso zabongela uMvelinqangi

17zathi: “Siyakubonga Simakade Mvelinqangi Mninimandla, wena okhona nowawuvele ukhona, ngoba usuzithathele isikhundla samandla akho amakhulu usuqalile nokubusa.

18Abezizwe babethukuthela kabi, kanti lena yinkathi yokuba kufike ulaka lwakho nokuba abafileyo behlulelwe, isithuba sokuba uvuze izinceku zakho abaphrofethi nabangcwele nabesaba igama lakho, abantukazana kanye nezikhulu, kubhujiswe ababhubhisa umhlaba.”

19Ithempeli likaNkulunkulu elisezulwini lavuleka lathi gengelezi, kwase kubonakala umphongolo wesivumelwano usethempelini. Kwase kuklwebha imibani, kwezwakala imisindo nokukleklebula kokuduma kwezulu, kwadikizela umhlaba, kwawa isichotho esesabekayo.

IsAmbulo 12

Owesifazane nenkanyamba

1Kwabonakala isigameko esikhulu emkhathini: nango owesifazane, isembatho sakhe kuyinhlamvu yelanga, inyanga idilingene phansi kwezinyawo zakhe, enqwaze umqhele wezinkanyezi eziyishumi nambili.

2Kwase kusondele isikhathi sokuba abelethe, wakhala wadazuluka ngoba wayesefikelwe izinhlungu nemihelo.

3Kwavela esinye isibonakaliso emkhathini. Nanso-ke inkanyamba ibonakala, ufelebakazi wenyandezulu ebomvu, enamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi, enemiqhele eyisikhombisa emakhanda akhe.

4Ngomsila wakhe wawohloza ingxenye yesithathu yezinkanyezi zezulu, wazidilizela emhlabeni. Inkanyamba yayisijamela owesifazane owayesezobeletha, ukuba ishwabadele ingane yakhe lapho eseyizala.

5Wazala ingane yomfana, leyo eyobusa zonke izizwe ngesandla esiqine njengensimbi , kepha ingane yowesifazane lona yahlwithwa yasiwa kuNkulunkulu esesihlalweni sakhe sobukhosi.

6Owesifazane wabalekela ehlane, endaweni ayilungiselwa uNkulunkulu, lapho eyokondliwa khona inkulungwane yezinsuku nezinsuku ezingamakhulu amabili namashumi ayisithupha.

7Kwabheduka impi ezulwini, lapho uMikhayeli nezingilosi zakhe elwa nenkanyamba. Yalwa-ke inkanyamba inezingilosi zayo,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8kodwa yehlulwa, leliqembu lase liphelelwa yindawo yokuhlala ezulwini.

9Ufelebakazi wenkanyamba wehliselwa ezansi, uqobo lwenyoka endala ebizwa kuthiwe inguHodoba noSathane, umkhohlisi womhlaba wonke — wantshingwa emhlabeni, nezingilosi zakhe zachithwa kanye naye.

10Ngase ngizwa izwi elikhulu ezulwini lithi: “UNkulunkulu wethu usesisindisile, angawakhe amandla nombuso, nelungelo lokubusa ngelomgcotshwa wakhe. Ngoba ummangaleli wabazalwane bethu wehliselwe emhlabeni; kade ayebamangalela imini nobusuku phambi kukaNkulunkulu wethu.

11Bamnqobile ngamandla egazi leWundlu nangezwi abaqinisa ngalo belifakazela. Bakudela ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni.

12Makujatshulwe kuleli laphezulu, nithokoze nonke nina kulo! Kodwa nakho kuwe mhlaba nawe lulwandle! Nango uSathane ehlela kinina, uthukuthele uyabila ngoba uyazi ukuthi isikhathi asinikiweyo sifuphi kakhulu.”

13Kuthe ukuba inkanyamba ibone ukuthi iqunjwe phansi yawela emhlabeni yayisihubha owesifazane obesand' ukuzala ingane yomfana.

14Owesifazane khona manjalo wayesenikwa amaphiko amabili okhozi olukhulu ukuba andizele endaweni yakhe ehlane, lapho eyokondliwa khona iminyaka emithathu nengxenye, ephephile engasenakuhlaselwa yinyoka.

15Inyoka yasuka lapho yabholokoqa amanzi ngomlomo agobhoza njengomfula ukuba asibekele owesifazane, ukuze izikhukhula zamanzi zemuke naye.

16Kepha umhlaba wamelekelela owesifazane ngokukhamisa umlomo wawo wagwinya amanzi ayeqhamuka emlonyeni wenkanyamba.

17Inkanyamba yamthukuthelela owesifazane yawotha ubomvu, yayisuka njalo isiyohlasela insali yomndeni wesifazane, bonke labo abalalela imiyalo kaNkulunkulu, babambelele kuleloqiniso elafakazelwa uJesu.

18Inkanyamba yayisiqhinqa ogwini lolwandle.

IsAmbulo 13

Izilo ezimbili

1Ngase ngibona isilo senyuka siphuma olwandle. Sasinezimpondo eziyishumi namakhanda ayisikhombisa, uphondo ngalunye lunqwaze umqhele wamakhosi, kulotshwe amabizo enhlamba emakhanda aso.

2Isilo engasibonayo sasifana nengwe, izidladla zaso zifana nezebhele, umlomo waso ufana nowebhubesi. Inkanyamba yathwesa isilo amandla, yasiqhwakelisa esihlalweni sayo sobukhosi, yasinikeza ilungelo layo lokuphatha elalilikhulu kakhulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Enye yezinhloko zesilo yayinengozi eyayithi ayiyibulale, kodwa lelinxeba lase lipholile. Umhlaba wonke wamangala wawusuqala usulandela isilo.

4Abantu bakhulekela inkanyamba, ngoba ithwese isilo amandla. Basikhulekela naso isilo bethi: “Ngubani ongangesilo, ngubani ongase alwe naso na? ”

5Isilo savunyelwa ukuba sibholokoqe amagama amakhulu amabi ahlambalaza uMvelinqangi, savunyelwa ukuba sibuse isikhathi esiyizinyanga ezingamashumi amane nambili.

6Sase siqala-ke sikhipha amazwi ahlambalaza igama likaMvelinqangi nendlu yakhe engcwele kanye nabo bonke abahlala ezulwini.

7Savunyelwa ukulwa nabangcwele sibehlule, saphiwa amandla phezu kwayo yonke imindeni nezizwe nezilimi nezinhlanga.

8Bonke abantu abakhe emhlabeni bayosikhothamela, yilowo nalowo ogama lakhe lingabhalisiwe encwadini yokuphila engeyeWundlu elahlatshwayo kusukela ekudalweni komhlaba.

9Onendlebe akezwe!

10Uma kukhona ozothunjwa, uya ekuthunjweni; uma kukhona ozobulawa ngenkemba ubulawa ngenkemba. Abangcwele mababekezele bakhombise ukukholwa kwabo!

11Ngase ngibona esinye isilo senyuka sivela emhlabathini. Sasinezimpondo ezimbili njengewundlu, kodwa sikhulumisa okwenkanyamba.

12Sisebenzisa igunya lesilo sokuqala sibukela. Senza ukuba umhlaba nabo bonke abawakheleyo bakhothamele isilo sokuqala, leso esinxeba laso lase lipholile.

13Isilo sesibili sigila imilingo eminingi, senza ngisho nomlilo ukuba wehle ezulwini uqathakele emhlabeni, abantu bonke bebukela.

14Silutha bonke abantu abahlala emhlabeni ngemigilingwane esinikezwe ukuba siyenze, isilo sokuqala sibukela. Sibatshela bonke abantu bomhlaba ukuba babumbe isithixo esingumfanekiso wesilo sokuqala esikade sigwazwe ngenkemba salimala, kodwa nokho saphila.

15Isilo sesibili savunyelwa ukuba siphefumulele isithixo esingumfanekiso wesilo sokuqala, ukuze lesisithixo esingumfanekiso wesilo sikhulume sibulale bonke labo abenqaba ukusikhonza.

16Isilo senza ukuba bonke abantu, abantukazana nezikhulu, abanothile nabampofu, abakhululekileyo nezigqila, bashaywe uphawu ezandleni zabo zokunene kanye nasemabunzini abo.

17Akukho muntu ovunyelwe ukuthenga kumbe athengise uma engenalo loluphawu. Luyigama lesilo, kumbe isibalo esimele lelogama.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Kufuneka ubuhlakani kulokhu. Lowo onomqondo akazibonele ukuthi ithini incazelo ngesibalo sesilo, ngoba lesisibalo simele igama lomuntu. Isibalo singamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha.

IsAmbulo 14

Ihubo labahlengiweyo

1Ngase ngiphonsa amehlo entabeni iZiyoni, ngabona iWundlu limi khona nezindimbane zabantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane anane ababebhaliswe igama lalo nelikaYise emabunzini abo.

2Ngezwa imvunge ivela ngasezulwini ihlokoma njengamanzi amaningi, izwakala njengokukleklebula kokuduma kwezulu okwesabekayo. Imvunge engayizwayo yayinesigubudu sezingubhu zibethwa ngabadlali.

3Babemi phambi kwesihlalo sobukhosi nezidalwa ezine eziphilayo nezigele, behaya ihubo elisha elalingeke lafundwa muntu ngaphandle kwalaba abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane abahlengiweyo emhlabeni.

4Yibo laba abalokhu bemsulwa bengazange bazingcolise ngesifazane. Balandela iWundlu baye noma kuphi lapho liya khona, laba bahlengwe ebantwini, bayingqalabutho kaMvelinqangi neWundlu.

5Ilaka labo alikaze liqambe manga, kabanasici.

Izingilosi ezintathu nemilayezo yazo

6Ngase ngibona enye ingilosi indiza emkhathini wezulu, iphethe ivangeli laphakade eyayizolishumayela kubantu bomhlaba, kuzo zonke izizwe nemindeni nezilimi nezinhlanga.

7Yamemeza ngelikhulu yathi: “Mesabeni uNkulunkulu niphakamise udumo lwakhe! Isifikile manje inkathi yokuba ehlulele. Guqani phambi kwakhe nimkhonze, unguMvelinqangi owadala izulu nomhlaba nolwandle neziphethu zamanzi.”

8Kwase kulandela ingilosi yesibili eyandulelwa ngeyokuqala, yathi: “Liwile, liwile iBhabhiloni lodumo, lona elacakulela izizwe zonke zadakwa isiphuzo senkanuko yobufebe balo! ”

9Kwase kulandela enye ingilosi yesithathu impongoloza ngezwi elikhulu ithi: “Oyolokotha nje aguqele isilo nesithixo esingumfanekiso waso, ashaywe uphawu lwaso ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,

10uyominya isiphuzo esiyintukuthelo kaMvelinqangi asichatheka sinjalo singaxutshwe nalutho, wasetha eqhageni lolaka lwakhe. Lababantu bayotshwelezwa ngomlilo nangesibabule, kubukela izingilosi ezingcwele neWundlu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Umusi womlilo wokuhlushwa kwabo wenyuka phakade. Kabanakhefu lokuphumula imini nobusuku, laba abaguqela isilo basikhonze sona kanye nesithixo esingumfanekiso waso, nabo bonke labo abashaywe uphawu oluyigama laso.”

12Abangcwele mababekezele, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu belokhu benamathele kuJesu ngokukholwa.

13Ngezwa izwi livela ezulwini lithi: “Loba uthi: ‘Kusukela manje babusisiwe abafileyo abafa benamathele eNkosini.’ ” — “Yebo babusisekile,” sekusho uMoya oyiNgcwele, “sebeyophumula emshikashikeni wabo, ngoba imisebenzi yabo ibaphelekezela.”

Isivuno somhlaba

14Ngase ngibheka ngabona ifu elimhlophe, kuqhwakele kulo othile ofana neNdodana yesintu, enqwaze ngomqhele wegolide ekhanda lakhe, ngesandla ephethe isikela elibukhali.

15Sekuqhamuka enye ingilosi ivela ethempelini impongoloza ngezwi elikhulu ibhekise kulowo owayehlezi phezu kwefu ithi: “Bamba isikela lakho uvune, ngoba isikhathi sokuvuna sesifikile, nesivuno somhlaba sesihlezi silindele ukuqoqwa.”

16Lowo ohlezi phezu kwefu wayeselenca ngesikela emhlabeni, umhlaba wavunwa.

17Kwathushuka enye ingilosi ivela ethempelini lasezulwini, ngesandla iphethe isikela elibukhali.

18Kwase kuvela enye ingilosi ithushuka elathini, iyingilosi enamandla phezu komlilo, yamemeza ngezwi elikhulu ibhekise kuleyo eyayiphethe isikela elibukhali yathi: “Faka isikela lakho elibukhali, ufule amahlukuzo esivini somhlaba, ngoba izithelo zaso sezivuthiwe.”

19Ingilosi yayisilenca ngesikela layo emhlabeni, yaqoqa isivuno somhlaba, yasiphonsa esikhamweni esikhulu sewayini esiwulaka lukaMvelinqangi.

20Isikhamo sanyathelwa ngaphandle komuzi, kwaphophoza igazi liphuma kuso laba ngumfula owenyuka waze wafinyelela emikhaleni yamahhashi, waqeda ibanga lamakhilomitha angamakhulu amathathu.

IsAmbulo 15

Izingilosi eziphethe izinhlupho zokugcina

1Ngase ngelamela esinye isimanga ezulwini, sisikhulu sikhexisa umlomo; kwakuyizingilosi eziyisikhombisa lezo ezaziza nezinhlupho eziyisikhombisa ezingezokugcina njengoba ulaka lukaNkulunkulu seluyogcina ngazo.

2Ngase ngibona ichibi elicwathe njengocwebe lisalwandle lixubene nomlilo. Labo ababesinqobile isilo nesithixo esingumfanekiso waso nesibalo esimele igama laso,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

ngababona bemi ngasocwebeni olusalwandle besingethe izingubhu abazinikwe uNkulunkulu.

3Base behlaba ihubo likaMose inceku kaNkulunkulu, kanye nehubo leWundlu, behaya bethi: “Mikhulu iyababazeka imisebenzi yakho, wena Simakade Mvelinqangi Mininimandla. Zilungile ziqotho izindlela zakho, wena Ngonyama yezizwe.

4Ngubani ongekwesabe Nkosi, adumise igama lakho na? Ngoba nguwe wedwa ongcwele. Izizwe zonke ziyofika zikudumise. Ngoba kuvele kwasobala ukuthi zilungile izahlulelo zakho.”

5Kamuva ngabuye ngabona ithempeli eliyidokodo elifakazela ubukhona bukaNkulunkulu livuleke lagengeleza ezulwini.

6Kwaphuma kulo izingilosi eziyisikhombisa ziphethe izinhlupho eziyisikhombisa, zevathe ezimhlophe qwa, zibophe ngemihizo yegolide ezibeleni zazo.

7Esinye sezidalwa eziphilayo sanikeza izingilosi eziyisikhombisa imicakulo eyisikhombisa ekhandwe ngegolide igcwele ulaka lukaMvelinqangi ophila phakade naphakade.

8Ithempeli lagcwala umusi wenkazimulo yobukhosi bukaMvelinqangi namandla akhe. Akubangakho muntu owayengangena ethempelini zingakaphezi izinhlupho eziyisikhombisa zezingilosi eziyisikhombisa.

IsAmbulo 16

Imicakulo yolaka lukaNkulunkulu

1Ngezwa izwi elikhulu livela ethempelini likhuluma ezingilosini eziyisikhombisa lithi: “Phumani nifike nithulule emhlabeni imicakulo eyisikhombisa yolaka lukaNkulunkulu! ”

2Yasuka ingilosi yokuqala, yafike yathulula umcakulo wayo emhlabeni. Khona manjalo kwabheduka izilonda ezimbi nezibuhlungu kabi kubantu abashaywe uphawu lwesilo bekhonza nesithixo esingumfanekiso waso.

3Ingilosi yesibili yathulula umcakulo wayo olwandle, lwaphenduka izingazi ezinjengezomuntu ofileyo, kwase kubhubha konke okuphila elwandle.

4Ingilosi yesithathu yathulula umcakulo wayo wachithekela emifuleni naseziphethwini, konke lokhu kwaphenduka igazi.

5Ngase ngizwa ingilosi eyengamela amanzi ithi: “Ulungile wena ngalezizahlulelo zakho, wena okhona nowawuvele ukhona wena oNgcwele!

6Abantu balichithile igazi labangcwele nabaphrofethi, kungakho-ke ubanika igazi ukuba baliphuze; baliphuza ngakhona, libafanele! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Ngase ngizwa ingilosi ephethe ilathi imemeza ithi: “Wo, Simakade Mvelinqangi Mninimandla, ziqotho zilungile izahlulelo zakho! ”

8Ingilosi yesine yathulula umcakulo wayo enhlamvini yelanga, lase livunyelwa ukushisa abantu ngesivuthevuthe salo.

9Basha-ke abantu begazingwa ukushisa okukhulu, baze balithuka igama likaMvelinqangi oyena wayenamandla phezu kwalezizinhlupho; kabazange baphenduke badumise uMvelinqangi.

10Ingilosi yesihlanu yayisithulula owayo umcakulo yawuthela esihlalweni sobukhosi besilo, umbuso wesilo wawusumbozwa yisigayegaye sobumnyama; kukuleyonkathi lapho abantu bazigeva khona ulimi ngenxa yeminjunju ababeyizwa.

11Base bemthuka uNkulunkulu wezulu ngenxa yeminjunju nezilonda, kepha abazange baphenduke bazisole ngemisebenzi yabo emibi.

12Eyesithupha ingilosi yachitha owayo umcakulo emfuleni omkhulu iYufrathe, kwaye kwasha onke amanzi esithebeni somfula ukuze kuwele kahle amakhosi aqhamuka empumalanga.

13Ngase ngibona imimoya emithathu engcolileyo ifuze izingxangxa isimo sayo. Yayiphuma emlonyeni wenkanyamba nasemlonyeni wesilo nasemlonyeni wombholofidi wamanga.

14Lokhu kuyimimoya yamadimoni agila izimanga. Lemimoya yomithathu ibabela kuwo wonke amakhosi omhlaba ukuwabutha ukuba avivele impi eyolwa mhla wosuku olukhulu lukaMvelinqangi uMninimandla.

15“Qaphani-ke! Ngiza nginyonyoba njengesela! Ubusisiwe lowo ongalele buthongo, yena eqaphela izingubo zakhe ingaze ahambe ehlubule ahlebeke ubunqunu bakhe! ”

16Imimoya yayisiyiphaka-ke impi yamakhosi yaqhinqa emfundeni ebizwa ngesiHebheru kuthiwe kuseMagidoni.

17Ingilosi yesikhombisa yachitha umcakulo wayo emkhathini. Kwase kuzwakala izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi esisethempelini lithi: “Sekwenzakele! ”

18Kwase kubaneka imibani, kwaba khona ubundindindi nezaho zokuduma, nokuzamazama okwesabekayo. Akukaze kube khona ukuzamazama kwaloluhlobo selokhu abantu baba khona, ngendlela okungandile ngayo lokhukuzamazama.

19Umuzi omkhulu wadilika iminxa emithathu, kwachitheka amanxuluma ezizwe ebhidlika. UNkulunkulu wayeselikhumbula iBhabhiloni lodumo, waliphuzisa iqhaga eligcwele isiphuzo sonya lolaka lwakhe.

20Iziqhingi zonke zacela empunzini, izintaba zajubalala kazabonwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Kwaqathaka izinguzunga zamatshe esichotho ayesinda ngangomthofu awela kubantu evela esibhakabhakeni, baze bamqalekisa uMvelinqangi ngenxa yobumuncu bohlupho lwesichotho. Loluhlupho lwesabeka okokufa.

IsAmbulo 17

Ukujeziswa kwesifebe samanyala

1Kweza kimi enye yezingilosi eziyisikhombisa ezaziphethe imicakulo eyisikhombisa ikhuluma kimi ithi: “Woza ngikukhombise ukuthi lesisifebekazi samanyala siyojeziswa kanjani, lesi esithe bhadla phezu kwamathantala amanzi amaningi.

2Amakhosi omhlaba ayegila naso imikhuba yesinene, kwaze kwadakwa abantu bomhlaba ngoba bephuza iwayini lobufebe baso.”

3UMoya oyiNgcwele wawusungithatha ngesihlwathi wemuka nami wangithi cababa ehlane lapho ngabona khona owesifazane eqhwakele phezu kwesilo esibomvu esasembethe amagama enhlamba elotshwe emzimbeni waso, sinezinhloko eziyisikhombisa nezimpondo eziyishumi.

4Owesifazane wayevathe ezibukhwebezane nezibomvu klele, ehlobe ngegolide nobuhlalu namatshe akwanokusho. Ngesandla wayephethe indebe yegolide okwakugcwele kuyo amanyala onke nokungcola kokuhlobonga kwakhe.

5Ebunzini lakhe kwakulotshwe ibizo elinemfihlakalo ejulileyo lithi: “IBhabhiloni lodumo, unina wabo bonke onondindwa namanyala onke omhlaba.”

6Ngase ngimbona owesifazane edakwe yigazi labangcwele negazi lalabo abafela ukholo ngenxa kaJesu. Kuthe lapho ngimbona ngakhexa umlomo.

7Kepha ingilosi isithi kimi: “Umangaliswa yini kangaka na? Ngizokutshela imfihlakalo yalona wesifazane, kanye neyesilo esimthweleyo esimakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi.

8Isilo osibonileyo sasikhona siphila, kodwa asisaphili manje; sesizophinda sikhuphuke kwalasha, sithi singaphuma khona bese sibhujiswa siphele. Abantu abakhele umhlaba abamagama abo angabhaliswanga encwadini yokuphila kusukela ekudalweni komhlaba bayomangala bambe ongenzansi lapho bebuka isilo. Sake saba khona saphila, kepha manje siyalandulwa asisawadli anhlamvana, kepha siyobuye sivele sibe khona.

9“Lento ingaqondwa kuphela umuntu onobuchopho nobuhlakani. Izinhloko eziyisikhombisa zingamagquma ayisikhombisa, lawo aqhwakele kuwona owesifazane. Angamakhosi futhi ayisikhombisa.

10Ayisihlanu awo awasabusi, sekubusa enye, lena enye ayikafiki kepha sekuyothi lapho isifika ibuse isithutshana nje.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Isilo lesi esasiphila kodwa asabe sisaba khona saphila, uqobo lwaso siyinkosi yesishiyagalombili, singenye yalawa ayisikhombisa, kodwa siyadlula siyophetha ngencithakalo siqedwe.

12“Izimpondo eziyishumi ozibonile zingamakhosi ayishumi abengakemukeliswa ubukhosi ukuba abuse, kepha asazonikwa ilungelo lokuba abe ngamakhosi oselwa, abuse isikhathi esifishane kanye nesilo.

13Bonke laba banenhloso eyodwa, banikeza isilo amandla abo nelungelo labo lokubusa.

14Bazoyiphaka balwe neWundlu, kepha iWundlu liyoyilwa kanye nabakhethiweyo balo, abalandeli balo abethembekileyo, linqobe, ngoba liyiNkosi yamakhosi, iNgonyama ebusa phezu kwababusi.”

15Ingilosi isithi kimi: “Amathantala amanzi owabonayo okuthe bhadla kuwo isifebekazi samanyala, ayizizwe nezindimbane zabantu nezinhlanga nezilimi.

16Izimpondo eziyishumi ozibonileyo, zona zikanye nesilo ziyosizonda isifebe; ziyosenza sibe lusizi zisihlubule sibe nqunu, zisidle izicubu zomzimba zisiqothule ngomlilo.

17Ngoba uNkulunkulu ukubekile ezinhliziyweni zazo ukuba zifeze inhloso yakhe, lokho ezikwenzayo zikwenze ngamqondo munye, zinikeze isilo amandla azo okubusa, aze afezeke amazwi kaNkulunkulu.

18“Owesifazane ombonileyo uyilowomuzi wodumo oguqelwa ngamakhosi omhlaba uwabuse.”

IsAmbulo 18

Ukuwa kweBhabhiloni

1Kuthe sekudlulile lokhu ngabona enye ingilosi yehla ivela ezulwini, Yayinamandla amakhulu, iphethe; ubucwebecwebe bayo bamanyazelisa wonke umhlaba wathi nge.

2Yaklabalasa ngelikhulu yathi: “Liwile! Liwile iBhabhiloni lodumo, seliphenduke laba ngumthunzi wokuphumula amadimoni, inqabakucasha yemimoya yonke engcolileyo. Seliyisidleke okukhosela kuso zonke izinyoni ezingcolileyo, umphandu wezilwane zonke ezingcolileyo nezenyanyekayo.

3Ngoba izizwe zonke zidakiwe isiphuzo senkanuko yobufebe balo. Amakhosi omhlaba aphinge nalo, nabahwebi bomhlaba bachumile banethezeka ngengcebo yalo.”

4Ngezwa elinye izwi livela ezulwini lithi: “Phumani niphele bantu bami, phumani nilishiye. ningathinti lutho lwezono zalo, hleze nehlelwe nani yizinhlupho elijeziswa ngazo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Izono zalo sezinqwabelane zakhuza phezulu ezulwini. UNkulunkulu wakukhumbula ukonakala kwalo.

6Zikhokhiseleni kulo njengoba lalenza kini, nilivuze ngokuphindwe kabili ngenxa yemisebenzi yalo emibi. Lichathekeleni ngokuphindwe kabili ukuba liliphuze liliminye leliqhaga elaliligayele nina!

7Lalihleze lizibusisa litamasa kakhulu, ngakhoke lihanqazeni ngangokuzitika kwalo ningaliyeki lize lilile! Ngoba lilokhu liqhalaza lithi: 'Ngiyindlovukazi nginethezekile ngiyabusa, angiyena umfelokazi, angisoze ngalubona usizi.'

8Ngakhoke ziyolithelekela izinsizi zalo lube lunye, kungene imbo kukhuze isililo, kubhoke indlala, liyoze lishiswe nangomlilo, ngoba unamandla uSimakade uMvelinqangi olahlulelayo.

9"Amakhosi omhlaba, lawo akade ehlobonga nalo ezenamisa ngalo, ayolila alikhalele lapho ebona kwenyuka umusi womlilo olibhubhisayo.

10Ayoqhela ame buqamama ephethwe yitwetwe lokubukela lihlushwa. Ayothi: " 'Khalani niwulilele lomuzi wodumo! Wena muzi wamandla waseBhabhiloni, usuwehlulelwe kwaba kanye ngomzuzu owodwa.'

11"Abahwebi bomhlaba bayakhala bayalililela ngoba akusekho muntu othenga impahla emikhunjini yabo:

12igolide nesiliva, amatshe engcebo nobuhlalu, izindwangu zakwanokusho ezibukhwebezane nosilika obomvu klebhu, izinhlobonhlobo zokhuni olunamakha, nezinhlobo zempahla eqoshwe ngophondo lwendlovu nangezigodo zemithi ebizayo nangethusi nensimbi netshensikazi elimhlophe,

13isinamoni nezinye izinongo zokudla, impepho nezimonyo zokuzekhatha nenhlaka, iwayini nephehlwa leminqumo, impuphu nokolweni, izinkomo nezimvu, amahhashi nezinqola, izigqila nemiphefumulo yabantu imbala.

14"Isithelo obusilangazelela sisukile kuwe, nazo zonke izicoficofi nobukhazikhazi kuphelile akunakubuye kutholakale kuwe.

15"Abahwebi abathengisa ngalezizimpahla ababezuza ngalomuzi bayomela buqamama bewesabela lomuzi ekuhlushweni kwawo, bekhala besho ngesililo esikhulu

16bethi: " 'Maye! Maye ngalelinxulumakazi lodumo elalevatha ezimhlophe zodwa nezibukhwebezana nezibomvu klebhu, lihlobe ngegolide nangamatshe engcebo nangobuhlalu.

17Ngomzuzwana nje wonke lomnotho usuvele washabalala waphela.' "Bonke abaphathi bemikhumbi nalabo abantweza elwandle namatilosi nabo bonke abahweba baziphilise elwandle babemi kude,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18badazuluka bakhala lapho bebona umusi wokusha kwalo bathi: ‘Yimuphi umuzi owake wangangalelinxulumakazi na? ’

19Base bezithela ngothuli emakhanda bakhala balila bathi: “ ‘Maye! Maye! Siyalikhalela lelinxuluma lodumo elanothisa bonke ababeqhuba imikhumbi elwandle, ngokunethezeka kwalo. Selidiliziwe laba ngamanxiwa ngomzuzwana nje.’

20“Ngcingcizani ngokubhubha kwalo nina eniphezulu, nina bangcwele nabaphostoli nabaphrofethi, ngoba uNkulunkulu ulahlulele wanikhokhisela kulo.”

21Kwasuka ingilosi enamandla yaqukula itshe elingangenguzunga yetshe lokugaya, yaliphonsa olwandle ithi: “Liyojikijelwa ngesihluku esinjena iBhabhiloni umuzi wodumo, lingaphinde libonwe.

22Akuseyuphinde kuzwakale kuwe umsindo wezingubhu nephimbo labahlabeleli nabadlali bemitshingo nababetha amacilongo. Ingcweti ehlakaniphele noma yimuphi umsebenzi wezandla ngeke isaba khona kuwe. Umsindo obangwa yitshe lokugaya ngeke uphinde uzwakale ngaphakathi kwezingange zakho.

23Ngeke kuphinde kukhanye ukukhanya kobhaqa kuwe. Umsindo wokusina kodwendwe awuseyukuzwakala kuwe. Abahwebi bakho babeyizikhulu zomhlaba, walutha zonke izizwe ngobuthakathi bakho.

24Kulomuzi kwachithwa igazi labaphrofethi nelabangcwele nelabo bonke ababulawayo emhlabeni.”

IsAmbulo 19

1Emva kwalokho ngezwa okwakuthi akufane nokuhlokoma kwephimbo lesixuku esikhulu ezulwini kuthi: “Haleluya, dumisani uSimakade! Insindiso nobukhosi namandla angakaNkulunkulu wethu.

2Izahlulelo zakhe ziqotho zilungile, ngoba usahlulele isifebe samanyala esawonakalisayo umhlaba ngamanyala obufebe baso, wazikhokhisela kuso ngenxa yegazi lezinceku zakhe.”

3Baphinda bamemeza bathi: “Haleluya! Umusi wokusha kwaso wenyuka phakade naphakade! ”

4Izigele ezingamashumi amabili nane nezidalwa ezine eziphilayo zamguqela uMvelinqangi zamkhonza lowo ozinze esihlalweni sobukhosi zithi: “Ameni. Haleluya! ”

Umshado weWundlu

5Kwezwakala izwi livela esihlalweni sobukhosi lithi: “Dumisani uNkulunkulu wethu nina zinceku zakhe, nina enimesabayo, bantukazana nezikhulu! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Ngase ngizwa izwi elalithi alibe ngelesixuku esikhulu, lifuze inhlokomo yamanzi amaningi nomsindo wokuduma okukhulu, limemeza lithi: “Haleluya! Uyabusa uSimakade, uNkulunkulu wethu uMninimandla.

7Asithokoze sijabule, siphakamise udumo lwakhe, ngoba umshado weWundlu usufikile, nomlobokazi walo usezilungiselele.

8Unikeziwe ukuba agqoke ezimhlophe ezikhazimulayo nezimsulwa.” Ezimhlophe ziyimisebenzi elungileyo yabangcwele.

9Ingilosi yathi kimi: “Loba uthi: ‘Babusisiwe labo abamenywe edilini lomshado weWundlu.’ ” Yayisithi ingilosi: “Lawamazwi kaNkulunkulu aqinisile.”

10Ngamguqela phansi ukuba ngimkhonze, kodwa wathi kimi: “Ungakwenzi! Ngiyinceku kanye nawe nabazalwane ababambelela kuleloqiniso elafakazelwa uJesu. Guqela uNkulunkulu umkhonze, ngoba iqiniso elafakazelwa uJesu yilona elingumoya oqhubezela abaphrofethi.”

Ingibeli yehhashi elimhlophe

11Ngabona izulu livulekile, kwase kuba khona ihhashi elimhlophe. Ingibeli yalo ibizwa ithiwe oThembekileyo noQinisileyo; wehlulela alwe izimpi zakhe ngokulunga.

12Amehlo akhe ayenjengamalangabi omlilo, ekhanda lakhe kunemiqhele eminingi eyaye inqwazwe amakhosi. Wayenegama elalilotshiwe kuye, kodwa lingenakwaziwa muntu ngaphandle kwakhe kuphela ukuthi lithiwani.

13Isiphuku ayesembethe sasikade sicwiliswe egazini. Igama abizwa ngalo lithiwa yiZwi likaNkulunkulu.

14Amaviyo asezulwini amlandela, egibele amahhashi amhlophe evathe ezimhlophe ezihlanzekileyo.

15Emlonyeni wakhe kwakuvele inkemba ebukhali ayonqoba ngayo izizwe. Uyozibusa ngesandla esiqine njengensimbi , anyathele isikhamo sewayini esiwulaka olwesabekayo lukaMvelinqangi uMninimandla.

16Esiphukwini sakhe maqondana nethanga lakhe kwakulotshwe igama elithi: “INgonyama ebusa phezu kwababusi, iNkosi yamakhosi.”

17Ngase ngibona ingilosi imi enhlamvini yelanga. Yamemeza ngezwi elikhulu yabhekisa ezinyonini zonke ezindiza emkhathini wezulu yathi: “Wozani niqoqane edilini elikhulu uMvelinqangi anihlabele lona.

18Nizozitika ngenyama yezidumbu zamakhosi nezinduna namaqhawe, inyama yezinjomane nezingibeli zazo, inyama yabo bonke abantu, abakhululekile nezigqila, abantukazana nezikhulu.”

19Ngasibona isilo namakhosi omhlaba namaviyo abo beviva ukuba balwe nalowo owayegibele ihhashi bahlasele impi yakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20Sase sibanjwa isilo saboshwa kanye nombholofidi wamanga owayekade egila phambi kwaso imimangaliso ayelutha ngayo labo ababeshaywe uphawu lwesilo baguqela nesithixo esingumfanekiso waso. Laba bobabili baphonswa bezwa echibini lomlilo ovutha isibabule.

21Abasala lapho bacekwa ngenkemba yalowo ogibele ihhashi, inkemba ivele emlonyeni wakhe. Izinyoni zayidla zaze zayibuka inyama yezidumbu zabo.

IsAmbulo 20

Iminyaka eyinkulungwane

1Ngase ngibona ingilosi yehla ivela ezulwini, iphethe ngesandla isihluthulelo somgodi wakwalasha kanye neketango elikhulu.

2Yayibamba inkanyamba, inyoka endala, uHodoba onguSathane, yambopha ngaleloketango, yamvalela inkulungwane yeminyaka.

3Ingilosi yamphonsa emgodini ongulasha, yawuhluthulela yawusicilela ngengcina ukuze angabuye aluthe izizwe kuze kuphele inkulungwane yeminyaka. Emva kwalokho kumele adedelwe akhululeke okwesikhashana.

4Ngabona izihlalo zobukhosi. Labo ababehlezi kuzo banikezwa amandla okwahlulela. Ngabona nemiphefumulo yalabo abanqunywe amakhanda ngoba befakaze ngoJesu bebambelele ezwini likaNkulunkulu, ababengazange basiguqele isilo nesithixo esingumfanekiso waso, abangazange bashaywe nophawu Iwaso emabunzini noma ezandleni zabo. Baphila base bebusa noKristu inkulungwane yeminyaka.

5Uquqaba lonke lwensali yabafileyo aluzange luphile kwaze kwaphela inkulungwane yeminyaka. Lokhu kungukuvuka kokuqala.

6Ubusisiwe ungcwele lowo oyophila ekuvukeni kokuqala! Ukufa kwesibili akunamandla phezu kwalaba, kepha bayoba ngabaphristi bakaNkulunkulu noKristu, bayobusa naye iminyaka eyinkulungwane.

Ukunqotshwa kukaSathane

7Kuyothi lapho sekuphele iminyaka eyinkulungwane, uSathane adedelwe ejele lakhe.

8Uyophuma akhohlise izizwe ezisemagumbini omane omhlaba ezingoGogi benoMagogi, abavivisele ukulwa impi; ubuningi babo bungangezihlabathi zolwandle.

9Yakhukhula impi yabo yadabula umhlaba yafike yahaqa isikhumulo sabangcwele nomuzi othandeka kuNkulunkulu. Kepha kwehla umlilo ezulwini wabaqeda bonke.

10UHodoba owayebakhohlisile waphonswa echibini lomlilo nesibabule lapho isilo kanye nombholofidi wamanga bekhona, bayohlushwa kwafuthi imini nobusuku.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ukwahlulela kokugcina

11Ngase ngibona isihlalo sobukhosi esasisikhulu simhlophe, kukhona owayehlezi
kuso. Umhlaba nesibhakabhaka kwabaleka phambi kwakhe kwashabalala,
akwabe kusabonakala lapho kungatholwa khona.

12Ngabona abafileyo, izikhulu nabantukazana, bemi phambi kwesihlalo sobukhosi.
Kwavulwa imiqulu, kwaphenywa enye incwadi, eyincwadi yokuphila. Abafileyo
behlulelwa njengokwemisebenzi abayenzileyo, njengoba kulotshwe ezincwadini.

13Ulwandle lwabenyula bonke ababefele kulo. Ukufa kanye nezwe labaphansi
kwakhipha bonke abafileyo ababehleli khona, bonke base behlulelwa
njengokwemisebenzi abayenzileyo.

14Ukufa kanye nezwe labaphansi kwaphonswa echibini lomlilo. Lokhu kungukufa
kwesibili, ichibi lomlilo.

15Lowo ogama lakhe lingatholakalanga encwadini yokuphila waphonswa echibini
lomlilo.

IsAmbulo 21

Izulu elisha nomhlaba omusha

1Ngabona izulu elisha nomhlaba omusha. Izulu lakuqala nomhlaba wakuqala
kwase kudlulile, nolwandle lwalungasekho.

2Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha lehla livela kuNkulunkulu ezulwini,
lilungiswe ngobunono njengomlobokazi ehlobele umyeni wakhe.

3Ngezwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi lithi: “Indlu engcwele
kaNkulunkulu isiphakathi kwabantu. Uyohlala nabo babe ngabantu bakhe;
uMvelinqangi uqobo lwakhe uyohlala nabo abe nguNkulunkulu wabo.

4Uyobesula zonke izinyembezi emehlweni abo. Ukufa akusayikuba khona, nokulila
nokukhala nobuhlungu ngeke kuphinde kube khona, ngoba izinto zakuqala
zidlulile.”

5Lowo osesihlalweni sobukhosi wayesethi: “Ake nibheke! Ngizenza zonke izinto
zibe zintsha.” Wayesethi futhi: “Kulobe lokhu ngoba lawamazwi athembekile
ayiqiniso.”

6Wathi kimi: “Sekwenziwe! Yimi owokuqala nowokugcina , isiqalo nesiphetho.
Owomileyo ngiyomnika ilungelo lokuphuza esiphethwini samanzi okuphila
angakhokhi lutho.

7Onqobayo uyozuza lelifa; mina ngiyoba uNkulunkulu wakhe, yena abe yindodana
yami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[8]Kepha amagwala namahlubuka nabayizonakali nababulali nezihlobongi nabakhunkuli nabakhonza izithixo nabo bonke abaqamba amanga, isabelo sabo sisechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili.”

IJerusalema elisha

[9]Kwase kuza enye yezingilosi eziyisikhombisa eziphethe imicakulo eyisikhombisa egcwele izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina yakhuluma yathi kimi: “Woza ngikutshengise umlobokazi, umakoti weWundlu.”

[10]UMoya oyiNgcwele wawusungithatha ngesihlwathi, ingilosi yemuka nami yangiyisa entabeni enkulu ende yangikhombisa umuzi ongcwele iJerusalema lehla livela ezulwini kuNkulunkulu,

[11]ligcwele inkazimulo kaNkulunkulu, ukucwebezela kwalo kunjengokwamatshegugu angandile, njengedayimane licwathe njengocwebe.

[12]Lalihaqwe ugange olukhulu luphakeme lunamasango ayishumi nambili elindwa yizingilosi eziyishumi nambili. Emasangweni kwakulotshwe amagama emindeni eyishumi nambili yamadodana kaIsrayeli.

[13]Kwakunamasango amathathu uhlangothi lulunye: emathathu kulelocala elibheke empumalanga, emathathu eningizimu, emathathu enyakatho, emathathu entshonalanga.

[14]Ugange lomuzi lwalwakhelwe phezu kwamatshe ayisisekelo ayishumi nambili okwakulotshwe kuwo amagama abaphostoli beWundlu abayishumi nambili.

[15]Ingilosi eyangikhulumisayo yayiphethe induku yegolide yokulinganisa, eyayizolinganisa ngayo umuzi namasango awo nogange.

[16]Umuzi wawunezinhlangothi ezine ezazilingana ubude nobubanzi bazo. Ingilosi yawulinganisa umuzi ngenduku yayo yokulinganisa: ubude bawo babungamakhilomitha ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amane; ubude bawo bungangobubanzi nokuphakama kwawo.

[17]Ingilosi yalulinganisa ugange, lwalungamamitha angamashumi ayisithupha ukuphakama, njengesilinganiso sabantu ezilinganisa ngaso nezingilosi.

[18]Ugange lwalwakhiwe ngedayimane, umuzi wawakhiwe ngegolide loqobo, licwathe njengocwebe.

[19]Amatshe esisekelo sogange ayehlotshiswe ngazo zonke izinhlobo zamatshegugu. Itshe lokuqala laliyidayimane, elesibili liyisafire, elesithathu liyikhalsedoni, elesine liyismaragidu.

[20]Elesihlanu laliyioniksi, elesithupha liyisardiyu, elesikhombisa liyikhrisolithi, elesishiyagalombili liyibherili, elesishiyagalolunye liyithophazi, eleshumi liyikhrisophrasi, eleshumi nanye liyijasinti, eleshumi nambili liyiamethisi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Amasango ayishumi nambili akhiwe ngamatshe engcebo ayishumi nambili,
yilelo nalelosango liyitshe lengcebo ngokwalo. Umgwaqo womuzi ugandaywe
ngegolide loqobo, ucwathe njengocwebe.

22Angizange ngilibone ithempeli phakathi komuzi, ngoba ithempeli lawo
linguSimakade uMvelinqangi uMninimandla kanye neWundlu.

23Lomuzi awudingi kukhanya kwelanga kumbe kwenyanga ukuba
kuwukhanyisele, ngoba inkazimulo yobukhosi bukaNkulunkulu iyawukhanyisa,
neWundlu liyisibani sawo.

24Izizwe zomhlaba ziyokhanyiselwa yilokhokukhanya lapho zihambayo, amakhosi
omhlaba ayoletha ingcebo yawo ayethule kuwo.

25Amasango omuzi ayohlala egengelezile usuku lonke, awasoze avalwa; ubusuku
abusoze baba khona.

26Izizwe ngezizwe ziyokwethula kuwo ingcebo nobukhazikhazi bazo.

27Kodwa akukho okungcolileyo okuyongena, akukho namunye umuntu owenza
amanyala noma oqamba amanga oyongena, kuyoba yilabo kuphela ababhaliswe
encwadini yokuphila yeWundlu.

IsAmbulo 22

1Ingilosi yayisingikhombisa umfula wamanzi okuphila ucwathe njengocwebe,
uvela esihlalweni sobukhosi bukaNkulunkulu neWundlu.

2Ugobhoza phakathi komgwaqo odabula umuzi. Nxazombili zomfula kwamila
isihlahla somuthi wokuphila othela izithelo kashumi nambili ngonyaka, kanye
ngenyanga; amaqabunga awo angawokwelapha izizwe.

3Akusayikuba khona lutho oluqalekisiweyo oluyotholakala kulomuzi. Isihlalo
sobukhosi bukaNkulunkulu neWundlu siyoba kuwo, nezinceku zakhe
ziyomkhonza.

4Bayobubona ubuso bakhe, nebizo lakhe liyolotshwa emabunzini abo.

5Ubusuku abusayikuba khona; abasadingi kukhanya kwesibani kumbe kwelanga,
ngoba iNkosi uNkulunkulu uyoba ukukhanya kwabo, sebeyobusa naye umbuso
wafuthi.

UJesu uyeza masinyane

6Ingilosi yayisithi kimi: “Ethembekile lawamazwi, ayiqiniso. USimakade
uMvelinqangi owabela abaphrofethi uMoya wakhe, wathumela ingilosi ukuba
izokhombisa izinceku zakhe lokho okuzokwenzeka masinyane.”

7UJesu uthi: “Qaphelani! Ngiyeza masinyane. Ubusisiwe lowo olondoloza amazwi
esiphrofetho esilotshwe kulencwadi.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Mina Johane nginguye owazizwayo wazibona zonke lezizinto. Kuthe lapho sengiqedile ukuzizwa ngazibona, ngayiguqela ukuba ngiyikhonze ingilosi eyayikade ingikhombisa zona,

9kepha yathi kimi: “Ungakwenzi lokho! Ngiyinceku kanye nawe nabazalwane bakho abaphrofethi nalabo abawalalelayo amazwi akulencwadi. Guqela uNkulunkulu umkhonze! ”

10Yayisithi kimi: “Ungayisicileli ngengcina lencwadi yesiphrofetho, ngoba isikhathi sesisondele.

11Owenza okungalungile akaqhubeke nobubi bakhe, nonamanyala akaqhubeke emanyaleni akhe. Olungileyo akaqhubeke nokulunga kwakhe, nongcwele akabe ngcwele njalo.”

12UJesu uthi: “Qaphelani! Ngiyeza masinyane, ngiza ngiphethe umvuzo wami ukuba ngiklomele wonke umuntu njengokwemisebenzi yakhe.

13Yimi owokuqala nowokugcina , isiqalo nesiphetho.”

14Babusisiwe abageza izingubo zabo ukuba banikwe ilungelo lokukha badle izithelo zomuthi wokuphila, bangene kulomuzi ngamasango akhona.

15Kodwa ngaphandle komuzi kukhona abavalelweyo abayizinja nabathakathi nezihlobongi nababulali nabakhonza izithixo, nabo bonke abakhonze ukuqamba amanga.

16“Mina Jesu ngiyithumele ingilosi yami ukuba imemezele lezizinto emabandleni. Ngiyihlumela lempande kaDavide, ikhwezi eliqhakaza ngokusa.”

17UMoya oyiNgcwele nomlobokazi bathi: “Woza! ” Nalowo okuzwayo lokhu akasho athi: “Woza! ” Owomileyo akeze! Othandayo akazithathele amanzi okuphila angakhokhi lutho!

18Mina Johane ngiyafakaza kuwo wonke umuntu owezwayo lawamazwi esiphrofetho esishiwo kulencwadi, ngithi: Uma kukhona owenezelela utho kuwona, uMvelinqangi uyokwenezelela esijezisweni sakhe izinhlupho ezilotshwe kulencwadi.

19Uma kukhona onciphisa amazwi esiphrofetho esikulencwadi, uMvelinqangi uyomephuca isabelo sakhe sesithelo somuthi wokuphila, nesabelo sakhe emzini ongcwele okulotshwe ngakho kulencwadi.

20Lowo ofakazayo ngakho konke lokhu uthi: “Yebo kunjalo! Ngiyeza masinyane.” Ameni, akube njalo! Woza Nkosi Jesu!

21Abantu bonke ngibafisela umusa ovela eNkosini uJesu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

IsAmbulo

AmaHubo 1

Isigaba sokuqala

Ukuphila komuntu oqotho, nokuphila kwesonakali

1Ubusisiwe umuntu ongazilandeli izeluleko zezonakali, ongahambisani
nemikhuba yezoni, engemdibi munye nabahlekisa ngoNkulunkulu,

2kepha ethokoza ngezwi likaSimakade, elokhu eletshisa imini nobusuku.

3Unjengesihlahla esimila osebeni lomfula esiveza izithelo ngesikhathi sokuthela,
esimaqabunga aluhlaza kawabuni. Konke akwenzayo lomuntu kuyachuma.

4Kodwa-ke izonakali azinjalo; zinjengamakhoba ephephuka nomoya.

5Ngakhoke izonakali ngeke zema lapho kuqulwa icala esigcawini, zingeke zibe
mdibi munye nebandla labantu abalungileyo.

6INkosi iyinakekele indlela yabaqotho, kepha abahamba ngokonakala
bayobhubha.

AmaHubo 2

Ukubekwa kwenkosi engumgcotshwa kaSimakade

1Kungani ukuba izizwe zixokozele, zakhe uzungu, izinhlanga zivungame
zihlongoze okuyize na?

2Amakhosi omhlaba emi ngezinyawo ahlomile, nababusi babumbene
bahlanganyela uSimakade nenkosi ayigcobileyo, bathi:

3“Asigqabule izibopho abasibophe ngazo, sidlubulundele ebugqilini abasiphethe
ngabo! ”

4Lowo ohlezi ezulwini ubahleka usulu, iNkosi yami ibenza ihlaya nenhlekisa.

5Kulowomnyama ibisibavuthela ngolaka lwayo, ibesabise ngesankahlu sayo ithi:

6“Yimina engayibekayo lenkosi, ngayigcoba ukuba iye ifike ibuse entabeni yami
engcwele iZiyoni.”

7Ngiyonilandisa ngesinqumo sikaSimakade njengoba ekhulume kimi wathi:
“Wena uyindodana yami ngikuzele, nginguYihlo kusukela namhlanje.

8Cela kimi, ngokunika izizwe zibe yifa lakho, ibe ngeyakho imikhawulo yomhlaba,

9ubabuse ngesandla esiqine njengensimbi , ubaphihlize njengokhamba
lombumbi.”

10Ngakhoke nina makhosi qaphelani, babusi bomhlaba lalelani nxa nelulekwa!

11Khonzani uSimakade, nimesabe, nasekuthokozeni kwenu anothuthumela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Khothamani phambi kwendodana hleze ithukuthele nibhubhe ningazelele,
ngoba iyoshesha ivuthe ngolaka! Bayadela bonke abakhosela kuSimakade.

AmaHubo 3

Umkhuleko wasekuseni walowo owethembela kuNkulunkulu

Ihubo likaDavide. Walihaya lapho ebalekela indodana yakhe uAbsalomu.

1Simakade, bangakanani pho abamelene nami! Sebebaningi kakhulu
abangivukelayo,

2baningi abafakana imilomo ngami bethi: "Ngeke uMvelinqangi amophule lowo!
" *Kunekhefu*.

3Uyisihlangu sami wena Simakade, uyangivikela, ungenza ngibe nesithunzi,
uyangisimamisa ngiqine idolo.

4Ngangikhala njalo kuSimakade ngimemeze, angiphendule esentabeni yakhe
engcwele. *Kunekhefu*.

5Ngilala ngize ngizunywe ubuthongo, ngivuke ngisaphila uSimakade engilondile.

6Kangibesabi neze noma bengangezihlabathi abamelana nami bengihaqile
nxazonke.

7Yima ngobumo Simakade, ungisize, ungisindise Nkulunkulu wami! Izitha zami
wazihlakaza imihlathi, waze wawohloza amazinyo ezonakali.

8Usindiso luvela kuwe Nkosi yami, kubantu bakho wehlisela isibusiso
sakho. *Kunekhefu*.

AmaHubo 4

Umkhuleko wakusihlwa walowo owethembela kuNkulunkulu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; ihubo likaDavide.

1Ngizwe uphendule lapho ngikhala kuwe wena Nkulunkulu wami
ongiphendulelayo! Ubungikhulula njalo sengihluphekile, ngihawukele uzwe
umkhuleko wami!

2Nina zikhulundini! Koze kube nini ningihlaza nehlisa isithunzi sami na? Koze
kube nini nifunana nokuyize nilandela okungamanga na? *Kunekhefu*.

3Kuhle nazi ukuthi uSimakade uzikhethele wazehlukanisela olungileyo;
uSimakade uyongizwa lapho ngikhala kuye.

4Yesabani nithuthumele, niyeke ukona, nizindle buthule ngezinhliziyo zenu nilale
nithi cwaka emacansini enu! *Kunekhefu*.

5Yethulani imihlatshelo efaneleyo, nihlale nethembela kuSimakade!

6Baningi abadamane bethi: "Ngubani ongasivezela okuhle na? " Nkosi sibuke
ngobuso bakho obunomusa!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Inhliziyo yami ubuyithokozisa njalo ngenjabulo eyedlula eyalabo abanensada yamabele nemithayi yewayini.

8Uhlangothi ngizolubeka phansi ngokuthula ngisheshe ngizunywe ubuthongo, ngoba nguwe wedwa kuphela Simakade ongigcina njalo ungilondolozile.

AmaHubo 5

Elokucela ukuvikelwa

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngemitshingo; ihubo likaDavide.

1Yizwa amazwi ami Simakade, ungizwele lapho ngibubula!

2Nkulunkulu wami, wena Ngonyama Nkosi yami, lalela izwi lami lapho nginxusa ngikhala, ngokuba mina ngikhuleka kuwe.

3Entathakusa uyalizwa izwi lami, ekuseni ngethula isicelo sami, ngihlale ngikulindele Simakade.

4UnguNkulunkulu ongathokozi ngokonakala, isoni asisoze sahlalisana nawe.

5Abaqholoshayo ngeke bame phambi kwakho, uzenyanya zonke izigilamkhuba.

6Nkosi, uyababhubhisa abaqamba amanga, uyamnengwa onequngo noyiqili.

7Kepha mina ngingangena endlini yakho ngothando lwakho olukhulu olungapheliyo, ngikuguqele ngesaba, ngikhothamele ngasethempelini lakho elingcwele.

8Ngihole Simakade ngokulunga kwakho, ngoba izitha zami zingiqamekele, uyiqondise indlela ongihola ngayo!

9Alikho iqiniso emilonyeni yezitha, ezibilinini zazo kukhona ukonakala, umphimbo wazo uyithuna elikhamisileyo, zikhuluma ngolimi olushelelayo.

10Behlulele Mvelinqangi, ubalahle ngecala, ubenze babhajwe ezihibeni zozungu lwabo! Baxoshe ngenxa yobuningi bezono zabo, ngoba bavukela wena Simakade.

11Bonke abakhosela kuwe abathokoze, bahlokome ngenjabulo ungunaphakade, ubavikele, bahalalise bakudumise lababantu abalithandayo igama lakho!

12Nguwe Nkosi obusisa olungileyo, umusa wakho uyisihlangu esimvikelayo.

AmaHubo 6

Elokucela ukuhawukelwa ngesikhathi sezinhlupheko

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu zedotshaba; ihubo likaDavide.

1Wo Simakade, iNkosi ayidle izibekele, ingangijezisi isithukuthele ibila!

2Yiba nomusa Simakade ungihawukele, ngoba mina sengiphelelwe amandla. Ngiphilise Nkosi, ngishaywa uvalo, amathambo ami ankenketha kabuhlungu,

3umoya wami uyathuthumela kakhulu. Wothalalisa kuze kube nini Simakade?

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Bheka ngakimi Nkosi, uhlenge impilo yami; ngisindise ngenxa yesihe sothando lwakho!

5Ingani kawukhunjulwa muntu kwelabaphansi, kabakubongi ezweni labafileyo.

6Ngitubekile ngenxa yokugquma kwami, ubusuku bonke ngikhala ezimathonsi, ngimatise ukhukho lwami ngezinyembezi.

7Izinhlupheko ziwaqundile amehlo ami, afiphele ayetha ngenxa yezitha zami.

8Zigilamkhuba dedani kimi nina nonke, ngoba uSimakade ukuzwile ukulila kwami!

9USimakade wangizwa lapho nginxusa, uSimakade wawemukela umkhuleko wami.

10Zonke izitha zami zojabha zesabe, zijokole isidumo zihlazekile.

AmaHubo 7

Umkhuleko walowo ocela ukuba kugezwe igama lakhe

Ihubo lokulila nentshisekelo elaculelwa uSimakade nguDavide ngenxa kaKhushi wakwaBhenjamini.

1Wo Simakade! Nkulunkulu wami ngibalekele kuwe, ngophule kwabangizingelayo, ngisindise

2bangaze bangidwengule njengengonyama, ehlwitha kungekho muntu owophulayo.

3Simakade Nkulunkulu wami, uma ngakwenza lokhu: ngangcolisa izandla zami ngenza ububi,

4uma ngaphindisa ngokubi kumhlobo wami, ngaphanga isitha sami ngasiphundla —

5uma kunjalo ngithi: Angizingelwe yizitha zingibambe, ziyidovadove othulini impilo yami, udumo lwami ziluthele phansi othulini! *Kunekhefu*.

6Yima ngobumo Simakade ngolaka lwakho, uvuke ungimele esigcawini, uthiye unya lwabangihluphayo wena mnqamulajuqu owahlulela ngobuqotho!

7Uquqaba lwezizwe alukubunganyele, uphakame ubabuse usesihlalweni!

8Simakade wena ungumahluleli wezizwe, ake ungithethe ngecala Nkosi yami, ngoba ngimsulwa anginacala.

9Qeda ububi bezonakali, kodwa olungileyo ake umsimamise, ngoba wena unguNkulunkulu olungileyo, uvivinya inhliziyo nomphefumulo.

10UMvelinqangi uyisihlangu esingivikelayo, usindisa abanhliziyo zabo ziqotho.

11UMvelinqangi ungumahluleli olungileyo, uSomandla othukuthelela ububi kwasa.

12Nxa abantu bengaphenduki umkhonto uyowulola ansale ugwibisholo lwakhe abanembe,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13ahlome izikhali ezesabekayo ansale imicibisholo yakhe evutha umlilo.

14Nasi isitha sigaya izibozi zokonakala, simithi inkohliso yodwa, sizala amanga ekugcineni.

15Isitha samba umgodi sawunweba, kepha kwakhalakathela sona kuwona.

16Induku zakhe ziphinda zimshaye, alinyazwe ngubulelesi abuqalile.

17Ngiyombonga uSimakade ngokulunga kwakhe, ngimhubele uSimakade oPhezukonke.

AmaHubo 8

Inkazimulo kaNkulunkulu nesithunzi somuntu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngogubhu lwaseGathi; ihubo likaDavide.

1E Simakade Nkosi yethu! Yek' igama lakho ukubabazeka kwalo umhlaba wonke! Inkazimulo yakho uyikhombise nasemkhathini.

2Ubongelwa yizingane neziyoyo, ngemilomo yazo uzakhele udumo; luyinqaba ethiya abamelene nawe nce kuthuliswe isitha nophindisayo.

3Lapho ngibuka isibhakabhaka phezulu, amala ezulu angumsebenzi wezandla zakho, inyanga nezinkanyezi okudale ngobuhlakani,

4kodwa ubeyini umuntu ungaze umkhumbule, ubeyini nje owasemhlabeni ungaze umnake na?

5Nokho, umenze wangaphansana nje kunawe Mvelinqangi, wamethwesa umqhele ongubukhosi nodumo,

6wammisa wabusa konke okudalileyo, wakuhlela konke kwangaphansi kombuso wakhe:

7impahla yonke, izimvu nezinkomo, ngisho nezilwane zasendle imbala,

8izinyoni zomkhathi nezinhlanzi zolwandle, konke okuhamba ngemizila yakho olwandle.

9E Simakade Nkosi yethu! Yek' igama lakho ukubabazeka kwalo wonke umhlaba!

AmaHubo 9

Makabongwe uSimakade ngokulunga kwakhe

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Mayife indodana"; ihubo likaDavide.

1Ngiyokubonga Simakade ngenhliziyo yonke, ngilande ngemisebenzi yakho emangalisayo,

2ngihlokome ngentokozo ngikuhubele, ngidumise igama lakho wena oPhezukonke.

3Izitha zami zahlehliselwa emuva, zakhubeka, zaqothulwa phambi kwakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Wahlulele kahle wangithetha ngecala usesihlalweni sakho, mahluleli olungileyo.

5Wajezisa izizwe, wabhubhisa izonakali, igama lazo lashabalala unaphakade.

6Izitha zaqothulwa kwayihlane lafuthi, wachitha imizi waqotha imbokodo nesisekelo, wayidiliza, kayisaphushwa nakuphushwa.

7USimakade uhlezi esihlalweni sobukhosi naphakade, wamisa isihlalo sakhe sokuthetha amacala.

8Uyokwahlulela umhlaba ngokulunga nobuqotho, aqule amacala ezizwe angenzeleli.

9USimakade uyinqabakucasha yocindezelweyo, inqaba ephakemeyo ngezikhathi zosizi.

10Simakade, abalaziyo igama lakho bethembela kuwe; awubafulatheli labo abakufunayo.

11Mhubeleni uSimakade obusa eZiyoni, landani ngemisebenzi yakhe nitshele izizwe!

12Ungumphindisi ohlawulisa abecala legazi uyabakhumbula abahlushwayo besosizini, uNkulunkulu akakukhohlwa ukukhala kwabo.

13Ngihawukele Nkosi, ubone nxa bengihlupha abangizondayo, wena ongihlenga ngilengela esiweni samanqe,

14nce ngime enkundleni yomuzi iZiyoni ngikuhashe ngezibongo zakho zonke, ngithokoze ngokungisindisa kwakho.

15Abezizwe bazigwaza ngowabo, bacupha ugibe kwase kubhabheka bona.

16USimakade uzikhombisile ukuthi ungubani, wakhipha isinqumo esiqotho esigcawini, wahila isonakali ngemisebenzi yezandla zaso. *Kuculwe ngemvunge*. *Kunekhefu*.

17Ziyobhubha izonakali ziye kwelabafileyo, izizwe zonke ezifulathele uMvelinqangi.

18Ompofu kayikulibaleka njalonjalo, obuswezi kayuphelelwa yithemba unomphelo.

19Wo Simakade! yima ngobumo, ungaqonelwa muntu, wahlulele abezizwe esigcawini sakho!

20Besabise Simakade, bakwesabe, izizwe ziqonde ukuthi zingabantu nje! *Kunekhefu*.

AmaHubo 10

Elokucela ukuba izikhohlakali zichithwe

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Hhawu Simakade! Yini ukuba uqhelelane nami na? Uzifihlelani ngezikhathi zobunzima?

[2]Isonakali siyaziqhayisa siyazigqaja, sishisekela ukuzingela ohlushwayo; asibhajwe ogibeni esilucuphileyo!

[3]Isonakali sizigabisa ngezinkanuko zaso, nomphangi uyaqanganisa wedelela uSimakade.

[4]Isonakali sithwele ikhanda sithi: "Phinde akanakungenza lutho, uNkulunkulu kathintene nami." Side sizindla kanjalo isonakali.

[5]Konke esikwenzayo kuyasilungela, kasihlushwa yizinqumo eziphakemeyo owahlulela ngazo wena Simakade, sibanxaphela bonke abamelene naso.

[6]Sihlala sizitshela sithi: "Angisoze ngaphazanyiswa lutho, ngeke ngishaywe mhlaba ngihlupheke."

[7]Sibholokoqa inhlamba, kuziphumele nje ukuqanganisa nenkohliso nokukhahla, umlomo waso umumethe ububi nosizi.

[8]Siqamekela ezindaweni ezisithakele zomuzi, abamsulwa sibabulale ekusithekeni, sinyonkoloze lowo esizomlimaza.

[9]Sicathama ezindaweni ezisithakele sengathi yisilo siqube ehlozini, sicothele ukubamba ohluphekileyo simbambe, simhudulele ogibeni lwaso.

[10]Siyakhokhoba, sinyonyobele oyinyamazane yaso, simshaye phansi ngesidlakadla samazipho aso.

[11]Enhliziyweni sithi: "USomandla kanakile, akabhekile kimi, akasoze angibona."

[12]Yima ngobumo Simakade! Nkulunkulu Somandla, bonakalisa amandla esandla sakho, ungakhohlwa ngabahlushwayo abasosizini!

[13]Mvelinqangi, kungani ukuba isonakali sikwedelele sithi awunakusenza lutho na?

[14]Kanti wena uyabona, uqaphela izinhlupheko nosizi, ukuthwale ngesandla sakho esisizayo; okhathazwayo uyazinikela kuwe, nguwena umondli wezintandane.

[15]Nqamula imisipha yengalo yesonakali, ujezise ababi ngenkohlakalo yabo, iphele ingabe isaphushwa nakuphushwa!

[16]E Simakade, Bayede Nkosi! uyobusa phakade naphakade, abezizwe babhujiswe ezweni lakho.

[17]Nkosi, uyakuzwa ukukhala kwabahluphekileyo, wobaqinisa, ubamise isibindi, ubeke indlebe ulalele ukukhala kwabo,

[18]umele izintandane nabacindezelweyo, ubalwele bathole amalungelo abo, yikhona umuntu owadalwa ngomhlabathi engebuye esesabisa omunye.

AmaHubo 11

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

USokulunga uyisiphephelo sabaqotho

Elethulwe kumculisi; elikaDavide.

1USimakade ngikhosele kuyena ngaphepha. Pho nibhedelani ningeluleke nithi:
“Balekani njengezinyoni ezintuntayo niye ezintabeni zenu niyokhosela,

2ngoba izonakali zinsala ugwibisholo, sezicuphe zabeka umcibisholo emnsalweni
ukuba zicibe abaqotho ebumnyameni.

3Olungileyo akukhonto angayenza nxa izisekelo zobuntu zibhidlikile.”

4USimakade usethempelini elingcwele kweliphezulu, uSimakade usesihlalweni
sobukhosi ezulwini. Ihlo lakhe lihlozinga uhlanga lwabantu, lihlola isintu sonke
sakwamhlaba.

5USimakade uhlolisisa abalungileyo nezonakali, uyabanengwa abathanda
ubudlova.

6Uvuthulukisa amalahle avuthayo, ehlisele isibabule phezu kwezonakali;
zicashunelwe isabelo esiyovulayo.

7USimakade unguSokulunga uthakasela ukulunga, abaqotho bohlala bephambi
kobuso bakhe.

AmaHubo 12

Elokucela ukuvikelwa kubantu ababi

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngedotshaba; ihubo likaDavide.

1Wo Simakade sisindise, akusekho bantu abaqotho abaseleyo, abathembekileyo
kubantu abasekho.

2Bakhohlisana bonkana ngokuyize, bangogedleyihlekisa abathopha ngomlomo,
bakhuluma ngenhliziyo embaxambili.

3Sengathi uSimakade angalunquma ulimi oluluma luphephethe, avale nemilomo
yabazigabisayo!

4Bayazigabisa ngolimi lwabo bathi: “Sisho umathanda ngezilimi zethu pho iphi
leyonkosi ethi ingasiphatha? ”

5INkosi ithi: “Ngiyokuma ngobumo njengoba abahlushwayo baqhwagiwe
nabampofu bayababubula bayagqiha, ngimhlenge ophokophelele insindiso.”

6Amazwi kaSimakade athembekile, afana nesiliva elihlanzekileyo, lahlanjululwa
esithandweni kasikhombisa.

7Nkosi uyolondoloza abahlushwayo, ubavikele phakade kulesisizukulwane.

8Izonakali zehla zenyuka zibukisa, ububi budlangile phakathi kwabantu.

AmaHubo 13

Elokucela usizo ngesikhathi sezinsizi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Koze kube nini Simakade ulokhu wangikhohlwa unomphela na? Koze kube nini usitheza ubuso bakho ungifulathela na?

2Koze kube nini ngicabanga ngizizamela amasu, usizi lungidabula usuku lonke na? Koze kube nini isitha silokhu sibukisa ngami na?

3Bheka neno Nkosi Nkulunkulu wami! Ngiphendule ungivuselele amandla bungangizumi ubuthongo bokufa,

4hleze isitha sithi: "Ashula, ngamehlula! " abayimpi kimi bajabule nginqotshwa.

5Kepha mina ngokwami ngethembele othandweni lwakho lwafuthi, inhliziyo yongcingciza ngensindiso yakho.

6Ngiyohlabelela ngikudumise Simakade njengoba ungenzele izinto ezinhle.

AmaHubo 14

Ubuwula nokonakala kohlanga lwabantu

(AmaHubo 53:1-6)

Elethulwe kumculisi; elikaDavide.

1Isiwula sesonakali sizindla sithi: "Akukho Nkulunkulu lapha onake esikwenzayo." Bonke bonakele benza amanyala, akakho noyedwa owenza okuhle.

2USimakade uyasinga esezulwini ubuka abantu emhlabeni phansi ukuthi ukhona yini oqondayo okhuthalele ukufuna uMvelinqangi.

3Phinde, baphambukile bonke bahlubukile, bonakele bonke ngothi lwabo, akakho noyedwa owenza okuhle, phinde, akakho noyedwa.

4Ziyoze zifunde nini izigilamkhuba, bonke laba abaqhobozela abantu bami bebadla sengathi basobozela isinkwa, bebe bengakhuleki kuSimakade na?

5Nampo kushayana amadolo kubo, ngoba uMvelinqangi umi nabalungileyo.

6USimakade uyisiphephelo sabahluphekayo noma kuhlekiswa ngezinhloso zabo.

7Sengathi eZiyoni kungavela usindiso lwesizwe sakwaIsrayeli! Mhlazana uSimakade eqeda usizi edlisa abantu bakhe ngoludala, impela bayojabula abakwaJakobe, isizwe sakwaIsrayeli sithokoze.

AmaHubo 15

Onelungelo lokuhlala egqumeni elingcwele likaSimakade

Ihubo likaDavide.

1Simakade ngubani onelungelo lokuba ahlale ethempelini lakho, akhe egqumeni lakho elingcwele na?

2Yilowomuntu ondlela zakhe zimsulwa, lowomuntu owenza okulungileyo. Umoya wakhe umi eqinisweni,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3ulimi lwakhe kaluhlebi, kalunukubezi. Akoni muntu, akaphathi kabi omunye,
akamtheli ngehlazo umakhelwane wakhe.

4Akabhekani nakubhekana nezilahlwa, kepha wazisa labo abesaba uSimakade.
Ufunga agomele abesegcina isifungo sakhe, abambelele kuso noma sekufiwa.

5Utshelekisa ngemali angafuni nzalo, angefunjathiswe nce alahle ongenacala.
Impela lowomuntu owenza lezizinto akasoze azanyazanyiswa nanini.

AmaHubo 16

Isabelo sefa labakaNkulunkulu

Inkondlo kaDavide.

1Ngilondoloze Mvelinqangi Somandla, ngoba ngikhosele kuwe ngaphepha.

2Ngithi: “Simakade, uyiNkosi yami wena, nguwe wedwa igugu lami lamagugu.”

3Abangcwele abaphila kulelizwe bayizilomo engithokoza ngazo.

4Labo ababuye bakhonze unkulunkulu mumbe bayongena ezinkathazweni
eziningi. Ngeke ngihlanganyele nabo eminikelweni ngikhonze
onkulunkulumbumbulu babo.

5Nkosi uyisabelo sefa lami nendebe yami, ungigcinela isabelo sendawo yami,

6ingeyekhethelo phakathi kwezindawo, ngibusa ngefa owangabela lona.

7Ngiyomdumisa uSimakade ongelulekayo, nasebusuku inhliziyo yami
iyangikhuthaza.

8Lokhu ngikuqwashile mihla yonke: ngibona uSimakade engakwesokunene sami,
impela anginakuzanyazanyiswa lutho.

9Ngakhoke inhliziyo yami iyathokoza nomoya wami ubonga uyethaba, ngisho
nomzimba wami uhlala ulondekile,

10ngoba awuyikungiyekelela ngibhubhe ngehlele phansi kwelabafileyo, ongcwele
wakho alahlwe elibeni.

11Ungazisa indlela eya ekuphileni, ngithokoza ngidele ngiphambi kwakho, injabulo
yaphakade ikwesokunene sakho.

AmaHubo 17

Elokucela ukuvikelwa ezonakalini

Umkhuleko kaDavide.

1Wo Simakade! Ngizwele odabeni lwami lapho ngizihlanguza ngoba ngimsulwa,
ulalele ukukliwula kwami ngikhala, ubeke indlebe uwuzwe umkhuleko wami
ovela emlonyeni ongenankohliso.

2Uyongikhipha phambili esigcawini sakho, ngoba iso lakho liqaphela ubuqotho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Ungihlolile wavivinya inhliziyo yami, wangihambela ebusuku wangihlozinga, awathola cebo kimi eliyisici elingaphuma lingcolise umlomo wami.

4Malungana nemisebenzi yohlanga lwabantu ngidedile ezindleleni zezidlova ngokuthobela izwi lomlomo wakho.

5Ngiyilandele imikhondo yakho ngaqonda, izinyawo zami azizange zishelele.

6Ngikumemezile mina ngakukhalela, ngoba wena Somandla ungizwa njalo; lalela nce uzwe engikushoyo!

7Ngikhombise izimanga zothando lwakho, wena osindisa ngesokunene sakho ababhaca kuwe bebalekela izitha.

8Ngivikele njengenhlamvu yeso eyigugu, ngifihle ngaphansi kwamaphiko akho!

9Ngilamulele kulabo abangicindezelayo, ezitheni ezesabekayo ngonya ezingihaqile.

10Azinasihe, izinhliziyo zazo ziyitshe, umlomo wazo ukhuluma ukuziqhayisa.

11Zisihaqa noma ngabe siyaphi, zicothele ukusiqumba phansi.

12Isitha sinjengembube ehahela ukubhozomela, empeleni sifana nebhongo lebhubesi elicathama ezindaweni ezisithakele.

13Yima ngobumo Simakade, hlangabezana naso usiqumbe phansi, ngisindise esonakalini ngenkemba yakho!

14Nkosi ngophule ngesandla sakho kwabomhlaba, kuloluhlanga lwabantu olusabelo salo ngamagugu alomhlaba. Uyabasuthisa ubagidlabeze ngezipho zakho, ubapha izingane, inzalo yabo ichume baze bashiyele izingane zabo ifa.

15Kepha mina ngiyobheka ubuso bakho ngilungile, ekuvukeni kwami nganeliswe ngizidelise ngobukhona bakho.

AmaHubo 18

UDavide uhuba ngokusindiswa nokunqoba kwakhe

(2 Sam 22:1-51)

Elethulwe kumculisi; elikaDavide inceku kaSimakade. Waliqamba leliculo ebhekise kuSimakade amagama alo mhla uSimakade esemkhulule esandleni sezitha zakhe zonke, ikakhulukazi enkosini uSawuli. UDavide wathi:

1Ngikuthanda ngenhliziyo yonke Simakade wena ongamandla ami.

2USimakade uyisiwa esingoje engicasha kuso, inqabakubhaca nomhlengi wami, uNkulunkulu wami onguSomandla, idwala lami engibalekela kulo, isihlangu sami sokungivikela, uphondo lwami olungisindisayo, inqaba yami ephakemeyo.

3Ngakhala kuSimakade wodumo wangisindisa, ngophulwa ezitheni zami.

4Izinhlungu zokufa zazingibambile, ngagaselwa yizikhukhula ezibhubhisayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Izihibe zethuna zangithekeleza ngazithela kunoxhaka wokufa.

6Ngaficwa zinsizi ngakhala kuSimakade, ngacela usizo kuNkulunkulu wami. Wezwa izwi lami esendlini engcwele; ukunxusa kwami ngicela usizo kwafinyelela ezindlebeni zakhe.

7Umhlaba wanyikizela wagomonqa, kwandindizela nezisekelo zezintaba; wathukuthela zadudumela zazamazama.

8Waphefumula wakhipha umusi ngamakhala, umlomo wavutha umlilo oqothulayo, kwaphuma kuye amalahle ayikloba.

9Watshekisa umkhathi wezulu wehla, isigayegaye saba phansi kwezinyawo zakhe.

10Wandiza egibele ingilosi, isherabhu, washweza wehla ngamaphiko omoya.

11Wazigubuzela ngesigayegaye nxazonke, amafu amnyama ahlomile amsibekela.

12Kwaphambana umbani phambi kwakhe, kwavela amafu amnyama ehlomile, kwehla isichotho namalahle ayikloba.

13USimakade wabhavumula emkhathini phezulu, oPhezukonke wakhuluma ngendumakude, kwehla isichotho namalahle ayikloba.

14Waciba izitha ngemicibisholo yakhe, wabagadla ngezulu wabadungula, waphonsa unyazi lwaklwebha, babhangazela.

15Idwala lezinzulu zolwandle lambuleka, izisekelo zomhlaba zahlala obala, lapho uSimakade ethetha ngentukuthelo, ngesankahlu somusi wamakhala akhe.

16Waselula isandla sakhe ekweliphezulu, wangenyula ngisemsingeni wamanzi.

17Wangihlenga esitheni sami esibukhali, kwabangizondayo abangehlula ngadela.

18Bangivimbezela mhla ngehlelwa umhlola, kepha uSimakade waba ludondolo lwami.

19Wangikhipha wangibeka endaweni ebanzi, wangikhulula ngoba ethokoza ngami.

20USimakade uyangivuza ngokulunga kwami, angibuyisele njengobumsulwa bezandla zami.

21Ngangihamba ngesu lomyalo kaSimakade, angimhlamukanga ngobubi uNkulunkulu wami.

22Ngangigcina zonke izinqumo zakhe, izimiso zakhe angichezukanga kuzo.

23Ngangimsulwa ngingenasici phambi kwakhe, ngangizithiba ngixwaya izono zamabomu.

24USimakade wangibuyisela ngokulunga kwami, lapho ebona ubumsulwa bezandla zami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Simakade, kwabanomusa nawe unomusa kubo, kwabangenasici nawe awunasici kubo,

26kwabamsulwa nawe umsulwa kubo, kepha amaqili uyaye uwahlakaniphele.

27Nguwe osindisa isizwe esizithobayo, uvove abaziqhenyayo bethwele amehlo.

28Wena ungikhanyisela isibani sami, wena Simakade Mvelinqangi lubhaqa olukhanyisa ebumnyameni engikubo.

29Ngawe nginesibindi sokudungula impi, ngoNkulunkulu wami ngingalweqa ugange.

30UNkulunkulu uSomandla, indlela yakhe iqondile ithe nto, izwi likaSimakade liqatha. Nguye isihlangu sokubavikela bonke ababalekela kuye beyokhosela.

31NguSimakade yedwa uNkulunkulu, nguye vo uNkulunkulu wethu oyidwala.

32Somandla Nkulunkulu, nguwe ongibhincisa amandla akho, wenza nendlela yami ibe msulwa,

33izinyawo zami zitshekula njengezembabala, ungenza ngithontele eziqongweni zami,

34ufundisa izandla zami ukulwa, izingalo zami zicibe ngomcibisholo wethusi.

35Usindiso lwakho lwaba yisihlangu kimi, esokunene sakho saba ludondolo lwami, wazithoba wawusungiphakamisa.

36Wangigadulisa endaweni ebanzi amaqakala awaxeganga ngangakhubeka.

37Ngahubha izitha ngazifica ngazificezela, angikhumukanga ngingakabashayi ibhuqe.

38Ngabacaba ababe besangivukela, ngagida phezu kwezitha ngezinyawo.

39Wangibhincisa amandla akho empini, abangivukelayo wabagoba baze bathela, baba ngaphansi kwesandla sami.

40Izitha zami wazingquzula zafulathela, abangizondayo ngabashaya ngabaqothula.

41Bazikhalela, akwabakho obasindisayo; bacela kuSimakade, akaze abaphendula.

42Ngase ngishaya ngiqothula, ngabaqothisisa, bafana nothuli olupheshethwa ngumoya; ngabachitha, baba njengezibi ezaleni.

43Wangisindisa embangweni wabantu bami, wangibeka ngabusa phezu kwezizwe, isizwe engangingasazi sangikhothamela.

44Zezwa ngami qede zathela kimi, abafo beza kimi begaqa ngamadolo.

45Abafo baphela amandla bathothongana, baphuma ezinqabeni zabo kushayana amadolo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

46USimakade uyaphila! Akadunyiswe yena dwala lami, aphakanyiswe uMvelinqangi ongisindisayo!

47Somandla Nkulunkulu, wangisiza, waphindisa ezitheni zami, wagoba izinhlanga zangikhothamela.

48Wangophula olakeni lwezitha zami, wangiphakamisa phezu kwabangivukelayo, wangihlenga kumuntu wobudlova.

49Ngakhoke ngokubonga phakathi kwezizwe, ngidumise igama lakho Nkosi yami.

50Inkosi yakho wayisindisa kokukhulu, yathi isadla ezinye yadla ezinye; alupheli uthando lwakho naphakade ngomgcotshwa wakho uDavide nozalo lwakhe.

AmaHubo 19

Imisebenzi kaMvelinqangi nemfundiso yakhe

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Isibhakabhaka phezulu sithetha izibongo ngenkazimulo kaMvelinqangi uSomandla, umkhathi wezulu umemezela ubungcweti bemisebenzi yezandla zakhe.

2Usuku lulandisa olunye ngalenkazimulo, ubusuku ngobusuku buxoxelana ngayo.

3Akuzwakali nkulumo namazwi emkhathini, akukhulumi phimbo lizwiwe khona.

4Wonke umhlaba uyizwile lendaba, amazwi ayo ajubalele afinyelela emajukujukwini ezinqeni zezwe. Ilanga walakhela umpheme uMvelinqangi, walibeka phansi kwesibhakabhaka.

5Liphuma elawini njengomyeni, lijabulisa okweqhawe lingqabatheka, linjengensizwa isubatha ngejubane.

6Liphuma ezansi emaphethelweni ezulu, lizungelezele lize liye ngonina ngale emaphethelweni amala ezulu; akucashi lutho esifudumezini salo.

7Imfundiso kaSimakade iqotho iphelele, ivuselela umphefumulo uphile. Ubufakazi bukaSimakade bethembekile, nongebani bumnika ukuhlakanipha.

8Imithetho kaSimakade ilunge nse, yenza inhliziyo yethabe nokwethaba. Umyalo kaSimakade uqhamile, ukhanyisela ngokusobala amehlo engqondo.

9Ukumesaba uSimakade kuhlanzekile, kuhlala kwaphakade naphakade. Izinqumo zikaSimakade ziyiqiniso, zilunge nokulunga zonkana.

10Ziyathandeka ngaphezu kwegolide, ngisho negolide eliningi elicoliweyo, zimnandi nangaphezu kwezinyosi, ngisho noju lwamakhekheba asindiweyo.

11Ziyayifundisa inceku yakho ixwaye, unomvuzo omkhulu lowo ozigcinayo.

12Ngubani ongabona iziphosiso zakhe? Ngihlambulule ezonweni ezingicasheleyo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Nginqande nasezonweni zamawala, ungazivumeli zingahlule zingibuse; yikhona
ngiyohlala ngingenasici, ngingehlulwa yizono ezijulile.

14Amazwi aphuma emloyeni wami ngisho nezizindlo zenhliziyo yami
akwamukeleke kuwe Simakade, wena dwala lami nomkhululi wami.

AmaHubo 20

Elokucelela inkosi ukuba inqobe isinde

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1USimakade akakuphendule ngosuku losizi, uNkulunkulu kaJakobe akukhweze
endaweni ephakemeyo eyisiphephelo,

2akuthumele usizo esendlini engcwele, akusekele esentabeni yakhe iZiyoni!

3Akhumbule iminikelo yakho yonke, amukele imihlatshelo yakho, eshiswayo!
Kunekhefu.

4Akakunike okufiswa yinhliziyo yakho, afeze zonke izinhloso zezilokotho zakho!

5Asihlokome ngentokozo ngokunqoba kwakho, kukhale ihlombe sibonge
uNkulunkulu wethu! USimakade akafeze konke okucelayo!

6Sengiqonda kahle ukuthi uSimakade uyinika ukunqoba lenkosi ayigcobileyo,
ayiphendule esezulwini lakhe elingcwele, ayisindise ngamandla esokunene sakhe.

7Abanye bazigabisa ngezinqola zempi, abanye bethembele emahhashini abo,
kepha thina sigabe ukugaba ngegama likaSimakade uNkulunkulu wethu.

8Bona bayabhabhalala bathobe bawe, kepha thina sivuka sime sithi qingqo.

9Simakade, sindisa inkosi uyinqobise, usiphendule ngenkathi sikhala kuwe!

AmaHubo 21

Elokubonga ukunqoba izitha

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Simakade, inkosi iyajabula ngoba amandla akho uwabonakalisile, yesese kakhulu
ngoba uyinqobisile.

2Uyinikezile izifiso zenhliziyo yayo, awukugodlanga ekucelayo ngezindebe
zomlomo. *Kunekhefu*.

3Uyihlangabezile ngezibusiso ezinhle, ekhanda wayinqwazisa ngophaphe
lwendwa.

4Yacela kuwe impilo, yaphila phakade, isikhathi eside impela ukuba ime njalo.

5Inodumo olukhulu ngoba uyinqobisile, wayihlomisa ngenkazimulo
nangobukhosi,

6wayenza yaba yisibusiso naphakade, ubukhona bakho buyithokozisa kweqe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Ingonyama yethembele kuwe Simakade; ubukhosi bayo buyokuma njalo nje
ngesihe sothando lwakho wena oPhezukonke.

8Ngengalo yakho uyoqonela izitha zakho, ngesokunene sakho ushaye
abakuzondayo.

9Uyobaqothula ngesikhathi sokufika kwakho kube sengathi basesithandweni
somlilo. Uyobashwabadela Nkosi ngolaka lwakho, ilangabi lomlilo libashise
baphele.

10Uyoyiqeda inzalo emhlabeni, uzalo lwabo uluqothule ebantwini.

11Noma phela becabanga amaqhinga bekwenzela uzungu, kabayuphumelela.

12Uyocupha umcibisholo emnsalweni, uwunsale ubakhombe ngawo ebusweni,
ubafulathelise bashaye bachithe.

13Awuphakanyiswe Simakade Somandla! Siyocula sidumise amandla akho.

AmaHubo 22

Isililo sohluphekileyo nendumiso kuNkulunkulu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Imbabala yentathakusa"; ihubo likaDavide.

1Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami! Kodwa ungilahleleni na? Yini umele kude
ungangisindisi nxa ngimbongoza ngikhala kuwe na?

2Wo Nkulunkulu wami! Emini ngiyakhala, awuphenduli, nasebusuku angitholi
kuphumula.

3Nokho-ke nguwe iNgcwele, wena oqhwakela ezibongweni akuthopha ngazo
uIsrayeli.

4Babethembela kuwe okhokho, bahlala bekwethemba wawusubahlenga.

5Babekhala kuwe wabaphulukisa, behlala bethemba wena awabadumaza.

6Kodwa mina angisemuntu, ngiyinhlwa. Bayangiklolodela, ngeyiwa yibo bonke.

7Bayangibhinqa bonke abangibonayo, banginkonkozele banqekuze amakhanda.

8Bathi nokusho: "Akethembele kuSimakade! Ingani phela uSimakade uthokoza
ngaye, akamkhulule manje amophule! "

9Nguwe owangihlenga mhla ngifika emhlabeni, ukwethemba wena ngakuncela
kumame.

10Ngathathwa ngethulwa kuwe mhla ngizalwayo, nguwe Somandla uNkulunkulu
wami kusukela ngivundle kabili kumame.

11Ungangilahli, ungabi kude nami; izinhlupheko sezifikile ziseduze, anginabani
ozongisiza angihlenge.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Izitha ziningi zingihaqile, zingibunganyele okwezinkunzi ezithibayo; imihuqa yaseBhashani ingizungelezele.

13Ziyangisinekela zikhamisa imilomo, zibhonga njengezimbube ezidwengulayo.

14Ngichithwe njengamanzi ezaleni, amalungu onke amathambo ayaxega. Inhliziyo yami incibilika njengengcina, iyacobeka ngizwa ishona phansi.

15Sekuphele ngisho nasozwanini njengodengezi luhwamuka loma nkwe. Ulimi lwami loma lwanamathela olwangeni, ungishiya phansi othulini ngifile.

16Izinja zingiphahle nxazonke, iviyo lezigilamkhuba lingizungelezele, bangibhoboza izandla ngisho nezinyawo.

17Ngingawabala onke amathambo ami, bazitika ngamehlo bengigqolozele.

18Izingubo zami behlukaniselana ngazo, nangesavatho sami benza inkatho.

19Simakade mus' ukuba kude nami, phuthuma ungisize wena lusizo lwami!

20Ngophule ebukhalini benkemba, ukuphila kwami okungukuphela kwakho ukuhlenge emilonyeni yemigodoyi.

21Ngisindise emlonyeni wamabhubhesi. Impela, usungizwele wangiphendula, wangisindisa ezincijini zemilalandle.

22Ngiyomemezela igama lakho kubafowethu, ngikudumise embuthanweni webandla ngithi:

23Dumisani uSimakade nina enimesabayo, mtuseni nina nonke luzalo lukaJakobe, nithuthumele nina nonke luzalo lukaIsrayeli!

24Ngoba akadelelanga, akazishaya mkhuba izinhlupheko zalowo owahlushwayo. Akamfulathelanga, akamyekelelanga, wamuzwa ekhala kuye ecela usizo.

25Nguwe ongifundisa izibongo zakho, ngikudumise ebandleni lonkana. Izifungo zami ngozifeza zigcwaliseke phambi kwalabo abamesabayo uSimakade.

26Abazithobayo bayokudla beneliswe, abafunisisa uSimakade bayomdumisa. “Unwele olude kini, nime njalo! ”

27Bayokhumbula babuyele kuSimakade abasemikhawulweni yonke yomhlaba, imindeni yezizwe zonke imkhothamele,

28ngoba ubukhosi bungobukaSimakade, nguye ozibusayo izizwe.

29Zonke izikhulu zomhlaba ezinamandla ziyokudla zikhothame phambi kwakhe, baguqe phambi kwakhe ngamadolo bonke labo abayobuyela othulini, lababantu okumele ukuba bafe.

30Izizukulwane ezizayo ziyomkhonza, abazukulu bangomuso balandiswe ngeNkosi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31Abasazozalwa bayolandiswa ngoSokulunga owufezile umsebenzi wakhe wokulunga.

AmaHubo 23

USimakade ungumalusi wami

Ihubo likaDavide.

1USimakade ungumalusi wami, akukho lutho engiluswelayo.

2Uyangilalisa phansi ngiphumule edlelweni lamahlungu aluhlaza, uyangalusa angihole angiyise ngasemithonjeni yamanzi azolisayo.

3Uvuselela umoya wami uphile, angihole emikhondweni elungileyo ukuba kudunyiswe igama lakhe.

4Noma ngingahamba ngidabule umhosha omnyama okwethunzi lokufa, angiyikwesaba lutho oluyingozi ngoba wena Simakade ungakimi, uphethe induku nobhoko ngimi isibindi.

5Ungilungisela idili ngidle, ungicole izitha zami zibukela. Uyangamukela ngomusa ungihlabise, kunjengokwekhathwa ngamakha ekhanda; ungicakulela indebe yami ichichime.

6Impela, okuhle nothando kuyongithungatha izinsuku zonke zokuphila kwami, nendlu yakho Nkosi iyoba yikhaya engiyohlala kulo ungunaphakade.

AmaHubo 24

INkosi yodumo

ElikaDavide; ihubo.

1Umhlaba nokukuwo ungokaSimakade, amazwe onke kanye nabahlezi kuwo.

2Ngoba nguye owabeka isisekelo sawo, umhlaba wazinza kuso waphakama kunezilwandle, wamiswa waqina waphakama kunemifula.

3Ngubani ongenyukela egqumeni likaSimakade, ame endlini yakhe engcwele na?

4Akuye lowo ozandla zakhe zimsulwa, onhliziyo yakhe iqotho ilungile, lowo ongajabuleli okuyize leze, ongafungi agomele okuyinkohliso na?

5USimakade uyomehlisela isibusiso, aphume phambili icala limthethe esizwa nguNkulunkulu umsindisi wakhe.

6Banjalo abantu abamfunayo; laba abafunisisa ubukhona bakhe yibo kanye abangoJakobe uqobo. *Kunekhefu*.

7Nina masango vulekani ngenjabulo nani minyango yamandulo nigengeleze, iNkosi yodumo ingene!

8Ingubani leNkosi yodumo? NguSimakade uSomandla iqhawe, uSimakade iqhawe lempi!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Nina masango vulekani ngenjabulo nani minyango yamandulo nigengeleze,
iNkosi yodumo ingene!

10Ingubani leNkosi yodumo? NguSimakade iNkosi yamaviyo, uyiNkosi
yodumo. *Kunekhefu*.

AmaHubo 25

Elokucela ukwelulekwa nokuthethelelwa nokuvikelwa

ElikaDavide.

1Simakade, inhliziyo yami ngiyibhekisa kuwe.

2Nkulunkulu wami ngethembela kuwe, angingahlazeki, izitha zami azingaqholoshi
ngami.

3Impela, akukho namunye oyohlazeka phakathi kwalabo abethembela kuwe;
abayohlazeka yilabo abangathembekile, abakhohlisa ngaphandle kwesizathu.

4Ngazise izindlela zakho ngizazi, ungifundise Nkosi imikhondo yakho!

5Ngifundise ngibambelele eqinisweni lakho, ukuze lona libe yindlela engihamba
ngayo, ngoba nguwe uNkulunkulu ongisindisayo, nguwe engethembela kuye njalo
nje.

6Simakade, khumbula isihe nothando lwakho lwafuthi, ngoba kusukela
kwaphakade kwakukhona.

7Ungazikhumbuli izono zobusha nezeqo zami, kodwa ngikhumbule ngokwesihe
sothando, ngikhumbule Nkosi ngenxa yomusa wakho!

8USimakade unomusa nobuqotho, ukhombisa izoni indlela eyonayona.

9Abazithobayo ubahola kokulungileyo, abazithobayo abafundise indlela yakhe.

10Isihe sothando nokwethembeka kuyizindlela zikaSimakade ahola ngazo laba
abagcina isivumelwano neziyalo zakhe.

11Ngone kakhulu; ngithethelele Nkosi nce igama lakho lidunyiswe!

12Iyiphi leyondoda eyesaba uSimakade? Uyoyitshela indlela ezoyikhetha.

13Yona uqobo iyohlala inethezeke, inzalo yayo ibe yizindlalifa zezwe.

14USimakade unobudlelwane nabamesabayo, ubafundisa basazi isivumelwano
sakhe.

15Ngezikhathi zonke ngibheka kuSimakade, uyokhumula isihibe ezinyaweni zami.

16Ngibheke Nkosi yami ube nesihe kimi, ngoba mina ngiyinhlwa ngihluphekile.

17Zinzima izinsizi ezisenhliziyweni yami, ngikhulule nxa ngificezelwe
yizingxakeko!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Bheka ukuhlupheka nokukhandleka kwami, uthethelele izono zami zonke!

19Bheka ukuthi izitha zami zingakanani nokuthi zingizondela ukufa nokuphila.

20Londoloza ukuphila kwami ungisindise, ngingahlazeki, ngoba ngikhosela kuwe!

21Sengathi ubumsulwa nobuqotho bungangigcina, ngokubanini ngihlala ngikulindela.

22Wo Nkulunkulu! hlenga uIsrayeli, bahlenge ezinsizini zabo zonke!

AmaHubo 26

Umkhuleko womuntu omsulwa

ElikaDavide.

1Simakade ngithethe ngecala, ngoba ngimsulwa ngihamba ngobuqotho, ngethembela kuwe Simakade anginqikazi.

2Ngihlolisise ungivivinye Nkosi yami, ngicwaninge ezibilinini mina wonke!

3Ngibona njalo isihe sothando lwakho, ngilokhu ngibambelele kuwe ngokwethembeka.

4Angimdibi munye nalabo abangathembekile, angidlelani nabantu abazenzisayo.

5Ngiyawuzonda umgwamanda wezigilamkhuba, angihlali nakuhlala nezikhohlakali.

6Simakade ngiyazi ukuthi ngimsulwa, ngakhoke ngihlamba izandla zami, sihaqe ilathi lakho sikukhonze,

7sihlabelele ihubo lethu lokubonga, silande ngezimangaliso zakho zonke.

8Nkosi ngithanda indlu ohlala kuyo, indawo lapho kukhona inkazimulo yakho.

9Ungangibhubhisi kanye nezoni, ngibhubhe kanye nezinswelaboya,

10labo abenza okubi ngezandla zabo, abasokunene sabo sihlose ukufumbathisa.

11Kodwa mina ngihamba ngobuqotho; ngiphathe ngomusa ungihlenge ngesihe!

12Sengimi endaweni eyisicaba, ngibonga uSimakade phambi kwamabandla.

AmaHubo 27

USimakade ulubhaqa nomsindisi wami

ElikaDavide.

1USimakade ulubhaqa nomsindisi wami, ngakhoke ngizokwesaba bani? USimakade uyinqaba engikhosela kuyo, ngubani oyongishayisa uvalo na?

2Izigilamkhuba zazilokhu zingihlasela, laba abamelene nami beyizitha zami, behlose ukungishwabadela bangibulale, kepha kwakhubeka bona bashayeka phansi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Nakuba imizila yempi ingihaqa, nokho kayisoze yangishayisa uvalo. Noma impi ingangivukela ingihlasele, kukho konke lokho mina ngisethemba.

4Iyodwa into engiyicele kuSimakade, kukodwa vo engikulangazelelayo: ukuba ngihlale endlini kaSimakade zonke izinsuku zokuphila kwami, ngibone ubuhle bomusa kaSimakade, ngizindle ngisethempelini lakhe.

5Uyongibhacisa phansi kophahla lwakhe mhla ngehlelwa ngumhlola ngimpintshekile, angifihle ngilondeke edlangaleni lakhe, angenze ngiphephele esiqongweni sentaba.

6Yikhona ngobamela ngenhla abangihaqileyo, nginikele ngemihlatshelo endlini yakhe, ngihube ngenjabulo ngidumise uSimakade.

7Nkosi yizwa ukukhala kwami lapho nginxusa, ngiphathe ngomusa nesihe ungiphendule!

8Kuyasho enhliziyweni yami ukuthi wena walikhipha ngomlomo wakho wathi: “Ake nibufunisise ubukhona bami! ” Simakade sengiyabufuna ubukhona bakho.

9Ubuso bakho abungangishalazeli! INkosi ayidle izibekele, ungayixoshi ngentukuthelo inceku yakho! Nkulunkulu msindisi wami owangisizayo, ungangiyekeleli ungishiye ungilahle!

10Obaba nomama bangangihlamuka, uSimakade uyongamukela angibheke.

11Ngikhombise indlela yakho Nkosi, ngihole endleleni enhle ebekileyo, ngoba izitha zami zingiqamekele.

12Unganginikeli ezitheni zami ezinonya, ngokubanini kusukuma ofakazi abangibeka icala bengiqambela amanga, nezidlova eziphefumula umusi.

13Ngiyakholwa ukuthi impela ngiyosibona isihle sikaSimakade lapho ngisaphila.

14Mangilindele wena Nkosi yami, bese ngiqina amandla, ngiqunge isibindi! Angilindele wena Nkosi yami!

AmaHubo 28

Elokucela usizo nokubonga umphumela

ElikaDavide.

1Ngizikhalela kuwe Simakade, dwala lami ngizwe ungathuli, hleze ukuthalalisa kwakho kungenze ngibe njengalabo abaya kwelabaphansi.

2Yizwa izwi lokunxusa kwami lapho ngikhala kuwe ngicela usizo, lapho ngiphakamisela izandla zami endaweni yakho engcwele kangakaya esemsamo wethempeli elingcwele.

3Ungangithathi ungilahle ngecala kanye nezonakali nezigilamkhuba, amashayakhothe akhuluma ngesizotha kanti inhliziyo yawo igodle lukhulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Ake ubavuze bonke laba ngenxa yemisebenzi yabo yokonakala, ubathezise ukhuni olunenkume ngenxa yezenzo ezimbi zezandla zabo!

5Kabayishayi mkhuba imisebenzi kaSimakade, kabazinaki izenzo zezandla zakhe, ngakhoke uyobabhidliza unomphela, angabuye aphinde abakhe futhi.

6Akahashwe ngezibongo uSimakade olizwile izwi lokuncenga kwami!

7USimakade ungamandla ami nesihlangu sami esingivikelayo, inhliziyo yami yethembele kuye. Wangisiza, sengiyambonga ngokwethaba, ngihaya lelihubo lokumdumisa.

8USimakade ungamandla abantu bakhe, inqaba yosindiso nesiphephelo, inqabakuvika yenkosi ayigcobileyo.

9Nkosi sindisa abantu bakho, ubusise uhlanga oluyifa lakho, ulwaluse ulusingathe ungunaphakade!

AmaHubo 29

Ukuzwakala kwephimbo likaSimakade ekudumeni kwezulu

Ihubo likaDavide.

1Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe, nina zidalwa zasezulwini ! Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe senkazimulo yodumo nesamandla!

2Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe, nibabaze igama lakhe elinodumo, nikhothame nikhuleke kuSimakade, nivunule ngezambatho zobungcwele!

3Iphimbo likaSimakade liyezwakala, lizwakala ekhuluma phezu kwamanzi. USomandla odumisekayo ulihlomisa lidume, uSimakade ophezu kwesithabathaba samanzi.

4Iphimbo likaSimakade lizwakala linamandla. Iphimbo likaSimakade lizwakala linobukhosi.

5Iphimbo likaSimakade lephula imikhoba, uSimakade wephula imikhoba yaseLebhanoni.

6Lisho qede kudlalisele izintaba njengenkonyane itshakadula, intaba yaseLebhanoni neyaseSiriyoni zigxumagxume njengevukana lenkunzi.

7Iphimbo likaSimakade lidlalisela ngombani, kugqamuke amalangabi omlilo.

8Iphimbo likaSimakade lithuthumelisa ugwadule, uSimakade uthuthumelisa ugwadule lwaseKhadeshi.

9Iphimbo likaSimakade lithuthumelisa izimbabala, liziphunzise zikhiphe amazinyane, liphundle amahlathi ahlale eze. Endlini yakhe kweliphezulu uyadunyiswa, baqubule ngazwi linye bathi: “Udumo! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10USimakade waqhwakela kuzamcolo wawubusa. USimakade usesihlalweni ubusa phakade.

11USimakade uyobapha amandla abantu bakhe, uSimakade ababusise bahlale ngokuthula.

AmaHubo 30

Elokubonga ukuphepha ekufeni

Ihubo; iculo lokuhlatshelelwa mhla indlu yahlukaniselwa uNkulunkulu; elikaDavide.

1Simakade, ngiyakutusa ngiyakuphakamisa ngoba ungenyulile ebunzimeni, awavuma ukuba izitha zinanazele.

2Simakade, Nkulunkulu wami ngazikhalela kuwe, ngakhala ngacela usizo wangiphilisa.

3Simakade, wangikhuphula ezweni labafileyo, walondoloza ukuphila kwami, wangikhipha emdibini walabo abaqonde egodini.

4Mhubeleni uSimakade nina bangcwele bakhe, nikhumbule akwenzileyo oyiNgcwele, nibonge igama lakhe elingcwele.

5Ulaka lwakhe lusivuthela isikhashana nje, kodwa asihawukele kuze kube sekufeni. Kuyakhalwa kulilwe ngokuhlwa kodwa kuse qede kujatshulwe.

6Mina-ke kwathi ngisahlezi kahle ngathi: “Angisoze ngathintwa lutho! ”

7Wena wawukade ungenzele umusa, wangiqinisela inqaba yami Nkosi yami. Kuthe kusekuhle wawusungifulathela wasitheza ubuso, ngashaywa uvalo kwaphela nasozwanini.

8Ngase ngizikhalela kuwe Simakade, ngakunxusa Nkosi yami ngathi:

9“Kuyotholakala nzuzoni ngokufa kwami, uma mina ngithunyelwa kwagoqanyawo? Bake bakubonge yini abafileyo, bamemezele ngokwethembeka kwakho na?

10Ngizwe Nkosi yami ungihawukele! Wo, Simakade yiba ngumsizi wami! ”

11Wawusuguqula ukudabuka kwaba ngumgido, wangikhumula izingubo zokuzila, wangikhulula wangigqokisa ezokujabula.

12Ngakhoke ngiyohuba ngikudumise, ngingawuhlabi inhlali umlomo wami, ngikubonge Nkosi Nkulunkulu wami, ngikudumise phakade naphakade.

AmaHubo 31

Elokuzwakalisa ukwethembela kuSimakade

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Ngibalekela kuwe Simakade, uze ungangidumazi ngijabhe nanini kodwa ngisindise ngokulunga kwakho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[2]Beka indlebe usheshe ungophule, ube yidwala eliyisiphephelo sami, inqabakubhaca engiyosinda kuyo!

[3]Uyisiwa esingoje nenqaba yami. Wongihola ukuze kudunyiswe igama lakho.

[4]Uyongikhipha esihibeni abangithukusele sona; nguwe inqabakucasha engikhosela kuyo.

[5]Nginikela umoya wami esandleni sakho, ungihlengile wena Simakade, Nkulunkulu Somandla othembekileyo.

[6]Ngiyabazonda abakhonza onkulunkulumbumbulu, mina ngokwami ngethembela kuwe Nkosi.

[7]Ngiyothokoza ngijabule ngothando lwakho, ngoba wena ubonile lapho ngihlupheka, wazi nezinsizi eziphethe umoya wami.

[8]Awunginikelanga esandleni sesitha sami, wavula igumbi ngalondeka ngaphefumula.

[9]Ngihawukele Nkosi ngoba ngisosizini, amehlo ami aqundekile yizinhlupheko, kudangele inhliziyo nomzimba wami.

[10]Izinsuku zami ngizichithile ngiqatha umunyu, nokugquma kwasheshe kwaqeda iminyaka yami. Ngaphela amandla yizishayo zokona kwami, ngisho nomzimba usucobeke amathambo.

[11]Bonke abamelene nami bayangiklibhizela, ikakhulukazi omakhelwane bami bayangenyanya, engazana nabo ngibahlasimulisa umzimba, engihlangana nabo endleleni bayashalaza.

[12]Angisakhunjulwa muntu sengathi sengafa, senginjengembiza eyafa yalahlwa ezaleni.

[13]Ngizwa abaningi beheheza bengihleba, sengihlala ngethuka izanya nxazonke. Bangakhela amaqhinga benza uzungu, baceba ukuba bangibulale ngife.

[14]Kodwa mina ngethembele kuwe Simakade ngide ngithi: “Nguwe uNkulunkulu wami.”

[15]Imihla yokuphila kwami isesandleni sakho, ngisindise ezandleni zezitha zami nasemandleni alabo abangizingelayo!

[16]Buka inceku yakho ngobuso obunomusa, ungisindise ngenxa yesihe sothando lwakho!

[17]Nkosi ungangenzi ngidumale ngijabhe, ngokubanini bengikhala nginxusa. Izonakali azijabhiswe zidumale zivalwe umlomo ziye kwagoqanyawo!

[18]Abanamanga mababe yizimungulu, abakhuluma inkukhumalo nendelelo, beziqhayisa, nolungileyo bemeya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Zinkulu yini pho izicolo zakho ozigcinele lababantu abakwesabayo, ubenzela okuhle kubonwe yizwe lapho uvikela abakhosela kuwe!

20Ubasitheza emphemeni wobukhona bakho, ubavikele kulabo ababakhela uzungu, ubafihle edokodweni balondeke, ulimi olugencayo lungabalimazi.

21Akabongwe uSimakade ongenzele umusa, wakhombisa uthando olungolwafuthi lapho ngihlaselwa emzini ovinjezelweyo.

22Ngashaywa uvalo ngesaba ukuthi ngabe ungixoshile yini endaweni yakho. Nokho-ke wezwa izwi lokunxusa kwami lapho ngikhala kuwe ngicela usizo.

23Mthandeni uSimakade nina bangcwele bakhe! USimakade uyabagcina ababambelela kuye, kepha aphindise kanzima kwabazidlayo.

24Qinani nithi ngqi nime isibindi nina nonke enethembela kuSimakade!

AmaHubo 32

Ubusisiwe othethelelwe nguSimakade

ElikaDavide; inkondlo enesifundo.

1Uyadela lowomuntu ozeqo zakhe zithethelelwe, osono sakhe sigqitshiwe.

2Ubusisiwe ongabekwa cala nguSimakade, umuntu onhliziyo yakhe ingenankohliso.

3Lapho mina ngisathule nesazela kwavendlezeka amathambo ami ngokumbongoza kwami usuku lonke.

4Nkosi yami isandla sakho sibe nzima, sangicindezela imini nobusuku, kwamunceka amandla ami njengenkovu yomiswa yisivuvu sasehlobo. *Kunekhefu.*

5Ngase ngihlambuluka ngesono sami kuwe, angakufihlela lutho ngecala engalenza. Ngathi: “Ngovuma ukona kwami kuSimakade! ” Wawusungithethelela icala nesono sami. *Kunekhefu.*

6Ngakhoke lowo nalowo kwabangcwele bakho uyokhuleka kuwe lapho usatholakala. Noma umfula usugcwala udla izindwani, ngempela izikhukhula aziyikufinyelela kuye.

7Wena uyisiphephelo engicasha kuso, uyongilondoloza ukuba ngingahlupheki, ungembathise ngenjabulo yensindiso, ngihlokome ngokuba wangikhulula. *Kunekhefu.*

8USimakade uthi: “Ngiyokufundisa ngikukhombise indlela ozoyihamba, ngikweluleke, iso lami lingasuki kuwe.

9Ningabi njengehhashi nomnyuzi ongenangqondo othanjiswa ngetomu lengqosha emloyeni uzukwe yikhona uzothobela umthetho wenu.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Ziningi izinhlupheko zesonakali, kodwa lowo owethembela kuSimakade uhaqwe yisihe sothando lwakhe lwafuthi.

11Thokozani nethabe nina balungileyo ngenxa yalokho akwenzileyo uSimakade, nihlokome ngenjabulo nina nonke eninhliziyo zenu zimi ngobuqotho!

AmaHubo 33

Elokubonga umdali nomlondolozi wakho konke

1Hlokomani ngenjabulo nina balungileyo ngenxa yalokho akwenzileyo uSimakade, abaqotho bafanele ukumdumisa.

2Bongani uSimakade nibethe umqangala, nimdumise ngogubhu oluntambo ziyishumi,

3nihlabelele nimculele igama elisha, nimdlalele kamnandi nihlokome!

4Ngoba izwi likaSimakade liqotho, uthembekile kukho konke akwenzayo.

5USimakade uthanda ukulunga nobuqotho, umhlaba ugcwele uthando lwakhe lwafuthi.

6Izulu ladalwa ngomyalo kaSimakade, wenza umkhathi nakho konke okukuwo ngezwi aliphefumula ngomoya wakhe.

7Ubuthela ndawonye amanzi asolwandle kubengathi uwavalela embizeni, akhweze izinzulu zolwandle zibe yisiziba.

8Umhlaba wonke awesabe uSimakade, abasemazweni ngamazwe bathuthumele!

9Nguye owakhuluma kwase kudaleka konke, wakhipha umyalo wakhe kwase kuba khona.

10USimakade uchitha icebo labezizwe, afojise izinhloso zezinhlanga.

11Icebo likaSimakade limi phakade, kofa abantu kusale izinjongo zakhe.

12Sibusisiwe siyadela lesosizwe esiNkulunkulu waso nguSimakade, isizwe azikhethele sona ukuba asibuse.

13USimakade uyaqaphela esezulwini, ababone bonke abantu emhlabeni.

14Uyabuka esesihlalweni sakhe sobukhosi, aqaphelisise bonke abahlezi emhlabeni.

15Wadala izinhliziyo zabo bonke, ubukisisa konke abasuke bekwenza.

16Akukho nkosi yanqoba ngempi enkulu, ngisho namandla eqhawe kawalisindisi.

17Amahhashi awaphephisi empini, ungethembi ukusindiswa ngamandla awo!

18Iso likaSimakade alisuki kwabamesabayo, abethembela othandweni lwakhe lwafuthi,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19ukuba abasindise ekufeni bangabhubhi, abondle ngesikhathi sendlala baphile.

20Silindele uSimakade ngethemba, ungumsizi nesihlangu sokusivikela.

21Izinhliziyo zethu zizithokozisa ngaye; sethembela egameni lakhe elingcwele.

22Nkosi isihe sothando lwakho asehlele kithi njengalokhu thina sethembela kuwe!

AmaHubo 34

Elokubonga ukukhululwa osizini

ElikaDavide. Wazihlanyisa phambi kwenkosi uAbhimeleki yayisimxosha; lapho esesukile kuyo waqamba lelihubo.

1Ngiyombonga uSimakade ngezikhathi zonke, ngimdumise mihla yonke ngingathuli.

2Umoya wami uyozigabisa ngoSimakade, abacindezelweyo mabezwe bajabule.

3Memezelani nami ngobukhulu bukaSimakade, siqubule sidumise igama lakhe!

4Ngakhuleka kuSimakade, wangiphendula, wangihlenga kukho konke ebengikwesaba.

5Ababheka kuye bayaye bamomotheke, ubuso babo abuze bungajabha.

6Yimi lona engangikhala ngisosizini, nganxusa kuSimakade wangizwa, wangisindisa ezinhluphekweni zami zonke.

7Ingilosi kaSimakade yakha umkhumbi ibahaqe abamesabayo ibakhulule.

8Ziboneleni nina nimuzwe ukuthi unomusa uSimakade; iyadela leyondoda ekhosela kuye.

9Mesabeni uSimakade nina bangcwele bakhe; abamesabayo abasweli lutho.

10Amabhongo embube angahle alambe, ngoba eswele angase akudle, kepha ababambelela kuSimakade kabayikuswela lutho oluhle.

11Bantabami wozani nilalele, ngonifundisa ukumesaba uSimakade!

12Ngubani othanda ukuphila kwangempela, aze adle izinyoni zabantabakhe na?

13Lowo akadede ekukhulumeni ububi, izindebe zakhe zingaphathi nkohliso!

14Qhela ebubini uhambe wenza okuhle, ufune ukuthula, ukuthungathe!

15Iso likaSimakade kalisuki kwabalungileyo; ubeka indlebe yakhe ezwe ukunxusa kwabo.

16Kepha umelana nalabo abenza ububi, ababhubhise bangabe besakhunjulwa.

17Abalungileyo bakhala kuSimakade abezwe, abahlenge ezinhluphekweni zabo zonke.

18USimakade useduze nabanhliziyo idabukile, usindisa abamoya wephukile.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uSimakade umkhipha kuzo zonke.

20Ulondoloza amathambo akhe onke, kungephuki ngisho nelilodwa.

21Isonakali siyobulawa ububi, abazonda olungileyo balahlwe yicala.

22USimakade uhlenga impilo yezinceku zakhe, bonke abakhosela kuye bathethwe yicala.

AmaHubo 35

Elokucela ukophulwa ezitheni

ElikaDavide.

1Bethwese icala labo abangimangalelayo, ulwe Simakade nalabo abamelene nami!

2Thatha izihlangu zakho uhlome uphelele, ume ngobumo uphuthume uzongivikela!

3Gqashula umkhonto wakho uvimbe umzila, ubhekane nabazingeli abangihubhayo, uthi kimi: “Yimi umsindisi wakho,”

4Sengathi labo abazama ukungibulala bangehlulwa behlelwe amahloni bahlazeke! Mabafulathele babaleke badumazeke labo abakha amaqhinga okungilimaza!

5Ababe njengomungu opheshulwa umoya lapho ingilosi kaSimakade ibathathelela!

6Akuhlwe endleleni yabo bashelele lapho ingilosi kaSimakade ibazingela!

7Bangithukusela ugibe kungekho sizathu, bangimbela igebe ukuba ngikhalakathele.

8Isitha sozigwaza ngowaso singazelele, sizidlise ngobaso sibhajwe esihibeni saso, sikhalakathele egebeni laso sibhujiswe.

9Umphefumulo wami uyokwethaba ngoSimakade, ngithokoze ngoba engisindisile,

10bese ngisho nokusho ngenhliziyo ngithi: “E Simakade! ngubani onjengawe? Wophula ocindezelweyo esiqhwageni, nocindezelweyo empofu komphangayo.”

11Kusukuma ofakazi abanhliziyombi, bangethwese amacala ngezinto engingazazi.

12Baphindisa okuhle ngokubi, yek' okwami, ngikhathazekile emoyeni!

13Kodwa mina, mhla begula ngangembatha ezokuzila, ngazihlupha ngazithiba ngazila ukudla, ngakhuleka ngigobodisile ngibheke phansi,

14kungathi ngililela abangane nezihlobo zami; ngakhala ngikhokhobisa okofelwe ngunina.

15Kepha lapho ngiqhuzuka ngikhalakathela bayangcingciza bahlanganisa amakhanda. Abantu abangelutho nengingabaziyo bangihaqile bayanginephunephula.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Bayancokola babhina okungcwele njengezinteli ezikhonzela ucezu lwesinkwa,
bagedla amazinyo bengenzela usongo.

17Nkosi uyobukela kuze kube nini? Hlenga ukuphila kwami ebudloveni babo,
ungophule ezingonyameni ezingamabhongo!

18Sengiyokubonga ebandleni elikhulu, ngikudumise phakathi komkhumbi
wabantu.

19Ungavumi izitha ziklolode ngami, zona zimelene nami kungekho sizathu.
Mabangacifelani bodwa bahlekise ngami abantu abangizonda kungekho sici!

20Ngokuba bona abezi ngokuthula, basukela abahlezi ngoxolo ezweni,
bababumbele amanga ngobuqili.

21Bakhamisile basho ngengila bathi: “Awu suka! Sikubambe oqotsheni.”

22Simakade ukubonile kwenzeka, ngakhoke ake ukhulume ungathuli, Nkosi yami
ungaqheli ube kude nami!

23Phaphama Mvelinqangi, sukuma umele udaba lwami, ngiphendulele ecaleni
Nkosi yami!

24Simakade Nkulunkulu wami Sokulunga, ngikhiphe phambili, icala lingithethe,
ungazivumeli izitha zingiklibhizele!

25Ungavumi ukuba bakhulume bodwa bathi: “Ashila! Yilokhu-ke ebesikufuna! ”
Ungavumi ukuba bakhulume bathi: “Sesimahlulile samshwabadela samchitha.”

26Abehlulwe behlelwe amahloni bakhophoze bonke labo abesasela isehlo sami!
Abehlelwe ngamahloni bahlazeke labo abaziqhayisayo bengibukela phansi!

27Abathakasela ukuthi icala lingithethile abahlokome ngenjabulo bathokoze,
baphindelele imihla ngemihla bathi: “Babazani ubukhulu bukaSimakade othakasa
ngenhlalakahle yenceku yakhe! ”

28Khona ngomemezela ngobuqotho bakho, ngihube indumiso yakho njalonjalo.

AmaHubo 36

Uthando lukaSimakade olungapheliyo

Elethulwe kumculisi; elikaDavide inceku kaSimakade.

1Kuyasho enhliziyweni yami ukuthi: Isonakali siqhutshwa ilukuluku lobubi,
asinandaba noMvelinqangi, asinaluvalo ngaye.

2Njengoba sizithwele siziqhenya kangaka sithi ngeke uMvelinqangi aze abone,
uyasuka lapho ujezisa ububi baso.

3Inkulumo yaso igcwele inkohliso nobuqili, asisenawo unembeza wokwenza
okuhle.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Sakha amaqhinga silele ecansini, siphikelela ukuhamba endleleni embi;
kasibenyanyi ububi sehlukane nabo.

5Simakade uthando lwakho olungapheliyo lufinyelela ezulwini kweliphezulu,
ukwethembeka kwakho kuze kufike emafwini.

6Unokulunga okuphakeme ngangezintaba, nezinqumo zakho zinjengezinzulu
zolwandle. Nkosi usindisa abantu nezilwane.

7Mvelinqangi, isihe sothando lwakho siyigugu elinqabileyo, asisihle khona!
Abasemhlabeni bakhosela baphephele ngaphansi komthunzi wamaphiko akho.

8Badla insada yezicolo endlini yakho, bacakule iziphethu zakho ezidelisayo.

9Nguwe umthombo wokuphila koqobo. Ukukhanya sikubona kuwe Sonkanyiso.

10Qhubeka nothando lwakho kwabakwaziyo nokulunga kwakho kwabaqotho
ngenhliziyo!

11Ungavumi abazidlayo bangihlasele, ungavumi izonakali zingidingise!

12Izigilamkhuba ziwile zathi dakla, zidindilizile aziphinde zivuke.

AmaHubo 37

Izonakali nesigcino sazo

ElikaDavide.

1Uze ungazikhathazi ngezonakali, ungabi namona nabenza ukonakala!

2Bashesha kabi babune njengotshani, bese beyetha njengohlaza lwasendle.

3Thembela kuSimakade wenze ukulunga, zinza ezweni lapho uhlezi khona,
ukwethembeka kwakhe uzondle ngakho!

4Zithokozise ngoSimakade uzokunika, akuphe wena lokho okufisayo.

5Indlela yakho yethule kuSimakade, umethembe, nguyena oyogcina ekwenzele.

6Ubuqotho bakho uzobuveza obala, nelungelo lakho aligqamise njengemini.

7Zotha ulinde ngesineke phambi kukaSimakade, ungahlabeki ngokuchuma
kwendlela yomubi, ngomuntu osebenzisa amaqhinga amabi!

8Pheza ukuthukuthela, uyeke ulaka, ungathathi ngamawala uzibangele isono!

9Ngokuba izonakali ziyolokhu zachithwa, abalindela uSimakade badle ifa.

10Kuyoba umzuzwana owodwa nje, izonakali bese zinyamalala obala, ufunisise
lapho bekade zikhona, zingabe zisabonwa nangokhasha.

11Abacindezelweyo bayodla ifa lomhlaba, bazenamise babuse ngenala enkulu.

12Isonakali sisongela olungileyo, simdlele imihlathi sisophe ukumlimaza.

13INkosi ivele imhleke usulu ngoba iyazi ukuthi olwakhe lunye.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Abangalungile bagqabula inkemba, bese bethatha umnsalo wabo bawucibe,
bagadle bawise ocindezelweyo nompofu, babulale labo abahamba ngobuqotho.

15Kodwa bayozigwaza ngowabo balayeke, imicibisholo yabo yephuke fahla.

16Okuncane anakho olungileyo kungcono kunomcebo wezonakali eziningi.

17Imikhono yabangalungile iyokwephulwa, kepha iNkosi iyabaphasa
abalungileyo.

18USimakade uyakwazi okwenzeka mihla kwabaqotho, ifa labo bayolibamba
ungunaphakade.

19Abayukujabha ngesikhathi sokuhlupheka, kodwa bayosutha ngezinsuku
zendlala.

20Izigilamkhuba ziyobhubha ziphele, nezitha zikaSimakade ziyonyamalala
njengezimbali eziqhakaza edlelweni, ziyonyamalala zisithele njengentuthu.

21Isonakali siyetsheleka kodwa singakhokhi, kepha olungileyo unesihawu
uyaphana.

22Abangababusisiweyo bakaSimakade bayolidla izwe libe yifa labo, kepha laba
asuke ebaqalekisa uyobanquma baphele ezweni.

23USimakade nguyena oqinisa izinyathelo zendoda ezindlela zayo ziyamthokozisa.

24Kuthi noma ikhubeka ingawi okwempela, uSimakade ayibambe isandla
ayiphase.

25Kade ngimusha manje sengimdala. Angikaze ngibone olungileyo eshiyiwe
nenzalo yakhe iphanza ukudla.

26Ulokhu ehawukela njalo abolekise, nenzalo yakhe iyoba yisibusiso.

27Qhelelana nobubi wenze okuhle, uphile uze ukhokhobe ezweni!

28USimakade uthanda ukwahlulela okuqotho, akasoze abantshinga abangcwele
bakhe. Bayohlala belondekile unaphakade, kepha inzalo yababi iyochithwa.

29Abalungileyo bazolidla ifa lezwe, bahlale balakhele njalonjalo.

30Izindebe zolungileyo zikhuluma inhlakanipho, ulimi lwakhe lushumayela
ukulunga.

31Imfundiso kaNkulunkulu wakhe imbusa ingqondo, unyawo lwakhe
aluphambuki endleleni.

32Isonakali siqamekela olungileyo, simjongile sifuna ukumbulala.

33Kodwa uSimakade ngeke amyekelele ukuba awele esandleni somubi. Kuyothi
nalapho eselethwa esigcawini amsize aphume phambili ecaleni.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34Lindela uSimakade ngethemba, uhambe ngendlela yemiyalo yakhe!
Uyokuphakamisa udle ifa lomhlaba, uyobukela mhla ababi bechithwa.

35Ngambona umuntu omubi oyisidlova, ezenabise okwesihlahla sokuzimilela.

36Kepha wabuye waphela indaba yakhe, akabe esabuye abonwe nangokhasha,
ngamcinga nxazonke, wangatholakala.

37Ubombheka umuntu oqotho, umqaphelisise umuntu onesimilo, ngoba
ungumuntu wokuthula, ikusasa lalowo liqhakazile.

38Kepha abaphambukayo bayobhubha bonke, ikusasa labo liyosheshe lifingqwe.

39Insindiso yabalungileyo ivela kuSimakade, uyinqaba yabo esikhathini
sobunzima.

40USimakade. uyabasiza abaphunyulise, baphunyule esandleni sababi abasindise,
ngoba bemethembile bakhosela kuye.

AmaHubo 38

Umkhuleko womuntu ososizini ezisola

Ihubo likaDavide eliyisikhumbuzo.

1Wo Simakade, iNkosi ayidle izibekele, ingangijezisi isithukuthele ibila!

2Imicibisholo yakho ingihlabe yangena, isandla sakho sehla sangicindezela.

3Akukho sitho esingebuhlungu kimi ngenxa yakho ungithethisa ngolaka,
kunkenketha onke amathambo ami ngenxa yesono engisenzileyo.

4Izono zami zingisibekele ikhanda, nginyinyitheka nomthwalo wazo osindayo.

5Izilonda zami zinuka iphunga elibi, zichicha ubovu ngenxa yobuwula bami.

6Sengikhokhobe ngaze ngaqhotha, ngihamba ngilila zonke izinsuku.

7Ukhalo lwami luvuvukele luyashisa, akukho sicubu esiphilayo emzimbeni wami.

8Ngindikindiki ngitubeke ngaphela ngiyabhonga, inhliziyo iyaxokozela.

9Nkosi uyakwazi ukulangazela kwami, ukububula kwami akusithakele kuwe.

10Inhliziyo yami ibhakuzela kabi, amandla ami aphelile onke, amehlo ami aluvindi
angisaboni.

11Abangane nabazalwane baqhelile kimi ngenxa yesishayo sami esibuhlungu,
nabozalo imbala sebemela kude.

12Bangithukusele izingibe bengicupha lababantu abajonge ukungibulala, nalabo
kanye abahlose ukungilimaza bakhuluma usongo lokungichitha, bangicabangela
ububi lize lishone.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Kodwa mina angisezwa ezindlebeni nginjengesithulu, nginjengesimungulu esingakwazi ukukhuluma.

14Nginjengendoda engasezwayo ezindlebeni, engenamlomo namazwi okuziphendulela.

15Yebo, Simakade ngilokhu ngilindile, uzongiphendulela Nkosi Nkulunkulu wami.

16Ngiyakucela: “Sengathi bangesizakale ngokudumala kwami, bangcingcize nxa ngishelela ngiwa! ”

17Sekuya khona ukuba ngiwe, izinhlungu zilokhu zingibambe mihla.

18Ngokuba ngiyakuvuma ukona kwami, ngidabukile ngenxa yesono engisenzileyo.

19Izitha zami ziphilile zinamandla, baningi abangizonda ngingenacala.

20Labo abaphindisa ubuhle ngobubi bamelene nami ngoba ngishisekela okuhle.

21Simakade ungangiyekeleli ungilahle, Nkulunkulu wami ungabi kude nami!

22Phuthuma, woza uzongihlenga, Nkosi yami wena nsindiso yami!

AmaHubo 39

Ukuphila komuntu kuyedlula masinyane

Elethulwe kumculisi uJeduthuni; ihubo likaDavide.

1Ngathi: “Ngiyoqaphela ukuhamba kwami, ngingaluvumeli ulimi luze lungonise, ngiyowuhlaba inhlali umlomo wami nxa isonakali siphambi kwami.”

2Ngathula du angaze ngakhuluma, angasho lutho ngisho nangokuhle, kwaqubuka izinhlungu zangibamba.

3Inhliziyo yami yashabasheka phakathi kwami, kwaphembeka umlilo ngisazindla, ngaze ngabhoboka ngakhuluma ngathi:

4“Wo Simakade! Seluyoze lufike nini olwami lokufa? Ngazise umumo wezinsuku zami, khona ngizokwazi kumanje ukuthi ngiyedlula masinyane! ”

5Imihla yami ingangobubanzi besandla, isikhathi sami sifushane asilutho kuwe. Impela, abantu bonke noma begxile kangakanani banjengomoya oheleza udlule. *Kunekhefu*.

6Umuntu uphila njengesithunzi nje, ukuzikhandla kwakhe kunjengokwesambane, unqwabela ifa engabazi abayolidla.

7Manje Nkosi yami ngisalindeleni na? Ithemba lami lonke likuwe.

8Ngikhulule kuzo zonke izeqo zami, ungavumeli iziwula zingiklolodele!

9Mina ngizozithulela ngingasho lutho, ngoba ngize ngibe njena nje, nguwe.

10Susa kimi isishayo sakho esibuhlungu! Ungishayile ngesandla sakho kwezwela.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Uyamjezisa umuntu ngokumkhuza, umthethise ngenxa yobubi bakhe, uwaqede
njengenundu amagugu akhe. Wonke umuntu ungumoya ohelezayo. *Kunekhefu*.

12Yizwa umkhuleko wami Simakade, ulalele lapho ngikhalela insindiso,
ungangibukeli uzibe izinyembezi zami! Ngoba mina ngiyisihambi, ngiqubile nje,
ngingenisile njengokhokho bonke.

13Ngiyeke! Ungabe ulokhu ungigqolozele, nce ngithole ukuhlaba ikhefu ngesase
ngingakemuki ngibalwe nabangasekho.

AmaHubo 40

Elokubonga ukuhlengwa

(AmaHubo 70:1-5)

Elethulwe kumculisi, elikaDavide; ihubo.

1Usizo lukaSimakade ngalulindela ngesineke, wangizwela walalela ukunxusa
kwami.

2Wangikhipha emgodini wokubhujiswa, wangitatulula obhukwini olubishayo,
izinyawo zami wazimisa phezu kwedwala, wangiphasa ngahamba ngaqina idolo.

3Wangifundisa ukuhaya igama elisha, iculo lokumdumisa uNkulunkulu wethu.
Kuyothi abaningi abayobona lokhu bethembele kuSimakade bamesabe.

4Ubusisiwe lowo owethemba uSimakade, angaphendukeli kulabo abaziqhayisayo
nakulabo abaphambukela ezithixweni.

5Simakade Nkulunkulu wami, ziningi izimangaliso osenzele zona, ziningi izinjongo
zakho ozihlose ngathi, akukho noyedwa vo onjengawe. Bengiyoshumayela
ngixoxe ngazo zonke, kepha ziningi kakhulu zingebalwe.

6Awuthokozeli imihlatshelo neminikelo; awufuni mihlatshelo eshiswa elathini
ngisho neminikelo ehlawulela izono, kepha wangivula izindlebe ngezwa.

7Ngase ngiphendula ngathi: “Nakhu ngilapha! Iziyalo zakho owangibekela zona
zilotshwe emqingweni wencwadi yomthetho.

8Nkulunkulu wami, ngithokozela ukwenza intando yakho. Imfundiso yakho
ngiyigcina enhliziyweni.”

9Ngamemezela indaba emnandi yokulunga kwakho, ngayisho ngiphakathi
kwebandla elikhulu. Angiwuhlabanga inhlali umlomo wami, nguwe okwaziyo
lokho Nkosi yami.

10Angiyigodlanga indaba yokulunga kwakho, ngashumayela ukwethembeka
nensindiso yakho. Ngamemezela ngangawuvala umlomo wami ngothando
lwafuthi nokwethembeka kwakho, ngakuhasha ngiphakathi kwebandla elikhulu.

11Wena Simakade uze ungangigodleli ububele bakho! Uthando lwakho
nokwethembeka kwakho akuhlale kungivikela kungaphezi!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

12Izinhlupheko ezingebalwe zingehlele, izono zami zingivimbezele, angisaboni
nakubona ngivaleke amehlo. Izono zami zedlula izinwele ngobuningi, isibindi
siphelile nya kimi.

13Simakade sale usungihlenga! Nkosi yami phuthuma ungisindise!

14Mabehlelwe ngamahloni badumazeke bonke abafuna ukungisusa bangibulale!
Mabafulathele babaleke behlazekile labo abafisa ingozi ingivelele.

15Abehlelwe amahloni bashaywe uvalo labo abangiklibhizelayo bethi: “Ashila! ”

16Abethabe bathokoze ngenxa yakho bonke labo abakufunayo wena! Abahlale
bethi: “USimakade mkhulu! ” bonke labo abathanda insindiso yakho!

17Yize ngiyimpofana ngingenalutho kepha iNkosi yami iyanginakekela; nguwe
umhlengi nomkhululi wami, Nkulunkulu wami shesha ungalibali!

AmaHubo 41

Elokucela ukuphiliswa esifweni

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Uyadela lowo onakekela ababuthaka, uSimakade uyomhlenga ngosuku losizi.

2USimakade uyomlonda agcine impilo yakhe, ambusise ahlale etuswa ezweni,
angavumi izitha zimenze umathanda.

3USimakade uyomlulamisa lapho egula, amphilise lapho ebambekile ocansini.

4Ngathi mina: “Ngonile kuwe Nkosi, yiba nesihe ungihawukele ungiphilise! ”

5Izitha zami zikhuluma kabi ngami zithi: “Uyokufa nini anyamalale, igama lakhe
lingabe lisakhunjulwa na? ”

6Abazongibona bangibuka bangidabukele, kanti bayazenzisa bahogela okubi
ngami, bese bephuma bekuhleba ndawo zonke.

7Bonke abangizondayo bahlebelana ngami, bakha uzungu bafuna ukungilimaza.

8Bathi: “Kukhona okwesabekayo okumngeneyo, ubangwa nezibi,
akasadabulanga.”

9Nomngane wami ebengimethembe kakhulu ngidlelana naye sithebeni sinye
usengiphendukele wangenzela ubunyoka.

10Yiba nomusa Simakade ungihawukele, ngivuse ngiphindise kubo.

11Ngiyazi kahle ukuthi uyathokoza ngami, ngoba awusivumeli isitha sami ukuba
singehlule siqholoshe ngami.

12Mina kanye uyangiphasa ebuqothweni bami, ungimisa phambi kwakho
ungunaphakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13USimakade uNkulunkulu kaIsrayeli akabongwe kwaphakade naphakade! Elethu! Ameni.

AmaHubo 42

Isigaba sesibili

Ukulangazelela uNkulunkulu

Elethulwe kumculisi; inkondlo enesifundo yabozalo lukaKhora.

1Ngilangazelela wena Nkulunkulu njengendluzele yomela amanzi emifula.

2Umoya wami womele uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo uSomandla. Ngiyofika nini ngivele phambi kukaNkulunkulu na?

3Izinyembezi zingukudla kwami, ngiyakhala imini nobusuku njengoba bede bengichukuluza bethi: "Useshonephi uNkulunkulu wakho na? "

4Ngozindla ngezakudala esezadlula, ngikhumbule mhla ngihola umshungu uphikelela endlini kaNkulunkulu uhlokoma ngenjabulo umdumisa, umshungu wenyuka uyogubha umkhosi.

5Nhliziyo yami udabukelani kangaka, uyaluzelani phakathi kimi na? Lindela uNkulunkulu ngethemba, ngoba ngisayophinde ngimbonge yena okuvela kuye insindiso yami.

6Nkulunkulu wami ngidangele ngaphakathi, ngakhoke ngokukhumbula ngisekudingisweni, ngikukhumbule ngisezweni laseJordani, ngisezintabeni zaseHermoni naseMizari.

7Utwa lubizana notwa ezinzulwini, kuhlokome izimpophoma zikaMvelinqangi, kusengathi ngimbozwa ngamadlambi akhe nezikhukhula zomfula ogcweleyo.

8USimakade akakhombise uthando lwakhe emini, ngihlabelele udumo lwakhe ebusuku, ngikhuleke kuSomandla ongipha ukuphila.

9Ngibhekisa kuMvelinqangi uSomandla, yena dwala lami, ngithi: "Kungani ukuba ungikhohlwe na? Yini ngihambe ngembethe ezokuzila ngicindezelwa yizitha zami na? "

10Sengathi kufahlazeka amathambo ami nxashana abamelene nami bengiklolodela bede bengichukuluza usuku lonke bethi: "Useshonephi uNkulunkulu wakho na? "

11Nhliziyo yami udabukelani kangaka, uyaluzelani phakathi kimi na? Lindela uNkulunkulu ngethemba, ngoba ngisayophinde ngimbonge, yena msindisi noNkulunkulu wami!

AmaHubo 43

Elokucela ukuthethwa yicala nokophulwa

1Mvelinqangi, ngiphendulele nce lingithethe icala engilethweswe yisizwe esingenamusa, ngihlenge kumuntu onenkohliso nobubi!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Ngoba nguwe Mvelinqangi inqaba yami, yini ngihambe ngembethe ezokuzila ngicindezelwa yizitha zami na?

3Letha ukukhanya kwakho neqiniso lakho, kungihole ngiye entabeni yakho engcwele nasethempelini eliyindlu ohlala kuyo,

4ngisondele elathini lakho Nkulunkulu, kuwe Somandla ongithokozisa kakhulu, ngishaye ugubhu ngihube ngikubonge wena Mvelinqangi Nkulunkulu wami.

5Nhliziyo yami udabukelani kangaka, uyaluzelani phakathi kimi na? Lindela uNkulunkulu ngethemba, ngoba ngisayophinde ngimbonge, yena msindisi noNkulunkulu wami!

AmaHubo 44

Ukuhlengwa kwabasendulo nokuhlupheka kwanamuhla

Elethulwe kumculisi; elabozalo lukaKhora; inkondlo enesifundo.

1Nkulunkulu, sazizwela lendaba ngezethu izindlebe, okhokho bethu basilandisa ngayo, ngalokho owakwenza emihleni yabo, ukwenza ezikhathini zasemandulo.

2Wahlakaza izizwe ngengalo yakho, wabatshala ezweni lazo bagxila, wachitha izinhlanga, bakhula banda.

3Kabalidlanga izwe ngezikhali, kabalinqobanga ngamandla ezikhwepha zabo, kwaba ngesokunene sakho nengalo yakho ubabuka ngobuso obunomusa, ngokuba wawumi nabo ubathakasela.

4Nkulunkulu, nguwe iNgonyama iNkosi yami; lekelela abakwaJakobe banqobe!

5Ngawe sigwaza izitha zigingqike phansi, ngegama lakho sibadovadove abasivukelayo.

6Angethembeli ogwibisholweni lwami, nenkemba yami ngeke ingisindise.

7Nguwe osisindise kwabamelene nathi, abasizondayo wabahlula behlelwa amahloni.

8Sizigabisa ngawe Nkulunkulu njalo nje, siyobonga igama lakho naphakade.*Kunekhefu*.

9Nokho-ke ususiyekelele sahlulwa sahlazeka, awusaphumi namabutho empi yakithi.

10Usenza sikhumuke ezitheni zethu, abasizondayo basiphange impango.

11Uyasiyekelela sihlatshwe njengezimvu, uyasichitha sisakazeke emazweni ezizwe.

12Uthengisa ngabantu bakho ngentengo enci, lentengo kawutholanga nzuzo kuyo.

13Usenza inhlekisa kwabakhelene nathi, basibhinqe basiklolodele ngapha nangapha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Singondabizekwayo phakathi kwabezizwe, izinhlanga ziyaseyisa zinikine amakhanda.

15Ngihlala ngilibona ihlazo lami, ngiyanyobozela sengehlelwe ngamahloni,

16nxa ngizwa bengiklibhizela bengihlambalaza, nxa ngibona isitha sami nomphindisi.

17Lezizehlakalo zonke zisehlakalele phezu kokuba singakukhohlwanga wena, isivumelwano sakho singasephulanga.

18Asihlubukanga kuwe ngezinhliziyo zethu, asiphambukanga endleleni yomyalo wakho.

19Nokho wasifohloza wasiyekelela siphakathi kwezimpungushe ehlane, wasimboza ngefu lethunzi lokufa.

20Nkulunkulu wethu, ukuba sakhohlwa ukukhuleka ngegama lakho samukela unkulunkulu mumbe samkhonza,

21ubungeyukukwazi yini lokho Mvelinqangi, wena obona izizindlo zezinhliziyo?

22Ngenxa yakho sibulawa lize liyoshona, kuthiwa siyizimvu zokuhlatshwa.

23Phaphama Nkosi yami! Ulaleleni ubuthongo na? Vuka, ungasiyekeleli unomphela!

24Usifulathelelani usitheze ubuso bakho, ukhohlwe usizi nokucindezelwa kwethu na?

25Siphoxekile silele phansi othulini, sithe cubululu ngezisu emhlabathini.

26Yima ngobumo usisize usihlenge ngenxa yesihe sothando lwakho lwafuthi.

AmaHubo 45

Inkondlo yomgcagco wengonyama

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Iminduze"; elabozalo lukaKhora. Lenkondlo enesifundo iyiculo eliphathelene nothando.

1Inhliziyo yami iyakitazeka ngenkondlo, yeneme ngendaba emnandi; ngibongela ingonyama ebusayo, ulimi lwami luyayihubela lunjengosiba lukanobhala olusheshisayo.

2Bayede! Umuhle udelile kunabantwana babantu, izindebe zakho zikhangisa ngobuciko bokukhuluma, ngakho uMvelinqangi ukubusisile phakade.

3Wena qhawe lamaqhawe, bhinca inkemba yakho okhalo, uhlome ngenkazimulo nobukhosi bakho!

4Bayede ume njalo! Gibela uphume impi uphumelele umele iqiniso nokuzithoba nokulunga, usuyobona lapho esokunene sakho sigila izimangaliso ezesabekayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Imicibisholo yakho ikhaliphile, ijuqa inhliziyo yezitha zenkosi, udle izizwe zidindilize phambi kwakho.

6E Nkulunkulu! Isihlalo sakho sobukhosi ngesaphakade, intonga yobukhosi uyiphethe ngobuqotho.

7Ukulunga uyakuthanda, uzonda ukonakala, ngakhoke uMvelinqangi uNkulunkulu wakho wakugcoba ngomgcobo othokozisayo, wena wase ujabula lokhu okwedlula okontanga yenu.

8Amakha enhlaka nawenhlaba nawempepho aqhole yonke imvunulo yakho. Ezindlini ezihlobe ngophondo lwendlovu kubethwa izingubhu nemiqangala, kuzwakala kamnandi kukuthokozisa.

9Phakathi komndlunkulu wasesigodlweni sakho kukhona namadodakazi amakhosi; indlovukazi ingakwesokunene sakho, ivunule ngezegolide elishisiweyo.

10Kuwe ndodakazi yami ngithi: “Geqa indlebe ulalele engikushoyo! Khohlwa yisizwe sakini nabakwenu!

11Inkosi izolangazelela ubuhle bakho, lena yinkosi yakho uzoyiguqela!

12AbaseThire bayokwethula kuwe izipho; izicebi zezizwe zizozincengela kuwe.”

13Kwakuhle kwethu! Nangu umlobokazi! Ndodakazi yenkosi! Usho ngobukhazikhazi bakhe esesigodlweni, unemvakazi ephethwe ngobuhlalu begolide.

14Uvathe ezifekethisiweyo usiwa enkosini, nezimpelesi zakhe ziyizintombi ezimsulwa, ziyayilandela, nazo zisiwa kuyo.

15Basiwa kuyo ngokujabula nokwesasa, baye bangene esigodlweni sengonyama.

16Bayede nkosi! Amadodana oyowathola ayobusa esikhundleni sawokhokho bakho, abekwe alibuse emhlabeni wonke.

17Ngalenkondlo igama lakho liyokhunjulwa, laziwe yizizukulwane ngezizukulwane, izizwe zikudumise ungunaphakade.

AmaHubo 46

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngemitshingo; elabozalo lukaKhora; igama.

1UMvelinqangi uyisiphephelo namandla ethu, ekuhluphekeni konke uhlala elusizo.

2Ngakhoke asisoze sashaywa luvalo noma umhlaba ungaguquka uzamazame nezintaba zidilikele ezinzulwini zolwandle,

3noma ulwandle lungahlokoma ludlangalale nezintaba zishukunyiswe yisidlakadla salo. *Kunekhefu*.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Kukhona umfula omigobhozo yawo iletha ukuthokoza emzini kaMvelinqangi,
enxulumeni elingcwele loPhezukonke.

5UMvelinqangi uhlala kulomuzi, ungezanyazanyiswe, uNkulunkulu uyofika
awuhlenge entathakusa.

6Izizwe ziyaxokozela imibuso izanyazanyiswe, ukhuluma ngephimbo lakhe
ubusuncibilika uphele umhlaba.

7USimakade iNkosi yamaviyo umi nathi, uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba
yethu. *Kunekhefu*.

8Wozani nibone imisebenzi kaSimakade, insambatheka ayenze emhlabeni!

9Ulamula izimpi nasemikhawulweni yomhlaba, afohloze imicibisholo, ephule
imikhonto, izinqola zempi azithungele ngomlilo.

10Uthi: “Ayiphele! Khumbulani ukuthi mina nginguMvelinqangi, uNkosinkulu
obusa izizwe, uNkosinkulu obusa umhlaba.”

11USimakade iNkosi yamaviyo umi nathi, uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba
yethu. *Kunekhefu*.

AmaHubo 47

UNkulunkulu uyiNkosi ebusa umhlaba wonke

Elethulwe kumculisi; elabozalo lukaKhora; ihubo.

1Shayani ihlombe zizwe zonke, halalisani nidumise uMvelinqangi, nihube
nihlokome ngenjabulo!

2USimakade oPhezukonke uyesabeka, unguNkosinkulu obusa umhlaba wonke.

3Wagoba izizwe nezinhlanga zasikhothamela, sahamba phezu kwazo ngezinyawo.

4Wasikhethela lelizwe laba yisabelo agaba ngaso uJakobe amthandayo. *Kunekhefu*.

5UMvelinqangi ukhuphuke ngenhlokomo, wenyuka uSimakade kukhala uphondo.

6Hubelani uMvelinqangi, hubanini! Hubelani iNgonyama, hubanini!

7UMvelinqangi unguNkosinkulu womhlaba; hubani isihlabelelo nimhashe!

8UMvelinqangi uyiNkosi ubusa izizwe. UMvelinqangi usesihlalweni esingcwele
sobukhosi.

9Izikhulu zezizwe zikhandene ndawonye kanye nesizwe sikaNkulunkulu ka-
Abhrahama, ababusi bomhlaba bangabakaNkulunkulu. Waphakanyiswa
uyababazeka kakhulu.

AmaHubo 48

Ubuhle nodumo lweZiyoni

Iculo; ihubo labozalo lukaKhora.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Mkhulu uSimakade, uyabongeka ngempela, uyabongeka emzini kaNkulunkulu wethu, uyadunyiswa entabeni yakhe engcwele.

[2]Kuthatha amehlo ukuphakama kweZiyoni, intaba esemaphethelweni asenyakatho, iyigugu elithokozisa umhlaba wonke, inxuluma lomuzi kaNkosinkulu.

[3]Phakathi kwezindlu zawo zobukhosi uMvelinqangi uzikhombisile ukuthi uyinqaba.

[4]Amakhosi-ke abuthana ndawonye, eqa umncele onke asewugasela.

[5]Anele ukuwubona kwaphela nasozwanini, ashaywa uvalo, acela empunzini.

[6]Afikelwa usizi lapho, aqhaqhazela, azibhonqa njengowesifazane obelethayo.

[7]Uceka imikhumbikazi yaseThashishi, uyibhubhise ngesiphepho sasempumalanga.

[8]Kade sezwa ngemisebenzi kaNkulunkulu, sesize sazibonela thina ngawo omabili emzini kaSimakade iNkosi yamaviyo, emzini kaNkulunkulu wethu; uNkulunkulu uyowumisa uqine unaphakade. *Kunekhefu*.

[9]Phakathi kwethempeli lakho Nkulunkulu sizindla ngesihe sothando lwakho.

[10]E Mvelinqangi! Igama lakho elinodumo liyadunyiswa kuze kube semikhawulweni yomhlaba; esokunene sakho sigcwele ukulunga.

[11]Mabajabule labo abakhele iZiyoni, bathokoze nabasemizini yaseJudiya ngenxa yobuqotho bezahlulelo zakho.

[12]Hambani nizungelezele iZiyoni, nilikakelezele nibale imibhoshongo yalo.

[13]Izindonga zalo zibukeni ngokucophelela, nichushe ezindlini zalo zobukhosi, nce nilandise izizukulwane eziyolandela,

[14]nizibikele ukuthi uMvelinqangi unjalo, unguNkulunkulu wethu phakade naphakade, nguye oyosihola ngisho nasekufeni.

AmaHubo 49

Ubuwula bokwethemba umcebo

Elethulwe kumculisi; elabozalo lukaKhora; ihubo.

[1]Lalelani nizwe lokhu zizwe zonke, nibeke indlebe nina nonke basemhlabeni,

[2]nilalele bantukazana nezikhulu, nani zicebi nezimpofana ngothi lwenu!

[3]Izindebe zami ziyokhuluma ulwazi, nginkankanye imicabango yokuhlakanipha.

[4]Ngiyobeka indlebe ngilalele umzekeliso, kuqhibuke imfumbe yami ngokudlala ugubhu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ngiyokwesabani ngezikhathi zobunzima lapho ngihaqwe ngububi balababantu abafuna ukungibhozomela basizakale ngami,

6labo abethembela emnothweni wabo bezigabisa ngobukhulu bengcebo yabo?

7Umuntu angemhlenge neze umfowabo, angeyihlawulele impilo yakhe kuMvelinqangi,

8ngoba intengo yomuntu ibiza kabi. Akukho nani angase athengwe ngalo,

9ukuba aphile njalonjalo emhlabeni, ukuba angafi asiwe kwagoqanyawo.

10Ziyabonwa nezihlakaniphi zifa nokufa, zishiye ingcebo yazo idliwe ngabanye njengoba kubhubha iziwula nezithutha.

11Enhliziyweni yazo ziziduda zithi amakhaya azo ayohlala njalo akhile, imizi yazo ime ezizukulwaneni, ziqamba amazwe ngamagama azo.

12Owasemhlabeni noma edume kangakanani akwenzeki ukuba ahlale angafi, unjengesilwane esifa kuphele kanjalo.

13Umthetho weziwula, ziphetha kanjalo, nabananazela inkulumo yazo bagcine kanje. *Kunekhefu*.

14Bamiselwe ukusiwa kwagoqanyawo njengezimvu ezimiselwe ukubulawa, bese beqelwa ngukufa umalusi wabo. Abaqotho babuse phezu kwabo ekuseni lapho izidumbu zabo zibola kwabafileyo zingabe zisaba nandawo yazo yokuhlala.

15Kodwa uMvelinqangi uyohlenga ukuphila kwami emandleni okufa, abesengamukela. *Kunekhefu*.

16Ungesabi lapho umuntu eceba, lapho ingcebo yendlu yakhe yanda!

17Kanakuhamba nalutho mhla efayo, ingcebo yakhe ingemlandele elibeni.

18Noma angaze atamase esaphila, bamdumise ngoba evunywe yikho konke,

19nokho uyokuya kwelabafileyo koyise, abahlala ebumnyameni obungunaphakade.

20Owasemhlabeni noma edume kangakanani, uma ehlala eyisiwula esingenangqondo unjengesilwane esifa kuphele kanjalo.

AmaHubo 50

UMvelinqangi ungumahluleli

Ihubo lika-Asafu.

1UMvelinqangi uSomandla uNkulunkulu uSimakade uyakhuluma abize imbizo yomhlaba wonke kusukela empumalanga kuye entshonalanga.

2EZiyoni, endaweni ebuhle bayo buphelele, kuqhamuka uMvelinqangi agqame ngenkazimulo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3UNkulunkulu wethu uyeza, engezile ngakuthula. Phambi kwakhe kunomlilo oqothulayo, uhaqwe yisivunguvungu esinamandla.

4Ubiza izulu eliphezulu ngisho nomhlaba ukuba athethe icala nabantu bakhe,

5uthi: “Qoqani abangcwele bami beze kimi, abenza isivumelwano nami ngemihlatshelo! ”

6Izulu lishumayela ngokulunga kwakhe ngoba uMvelinqangi uqobo ungumahluleli. *Kunekhefu*.

7“Ngiyakhuluma bantu bami, ngiyakhuluma, maIsrayeli ngiyaniyala ngiyanivusa! Yimi uMvelinqangi, uNkulunkulu wenu.

8Anginisoli ngenxa yemihlatshelo yenu; iminikelo yenu eshiswa elathini ihlala njalo iphambi kobuso bami.

9Into nje, angidingi nkunzi enizifuyileyo nazinqama ezibayeni zenu zemihlambi,

10ngoba izilwane zonke zehlathi zingezami, nemilalandle emagqumeni ayinkulungwane.

11Ngazi zonke izinyoni ezisezigangeni, konke okuphilayo emathafeni kungokwami.

12Ukuba bengilambile bengingeke nginitshele ngoba umhlaba ungowami nokukuwo.

13Ngiyayidla yini inyama yezinkunzi kumbe ngiphuze igazi lezimpongo na?

14Yethulani kimi iminikelo engukubonga kwenu, nigcine izethembiso zenu koPhezukonke!

15Anongibiza ngosuku lokuhlupheka; ngonisindisa bese nina ningidumisa.”

16Kulowo-ke oyisonakali uMvelinqangi uthi: “Yini ukuba uqekethe izimiso zami, isivumelwano sami sibe solimini lwakho na?

17Ingani uyisalakutshelwa esingezwayo, ihlongandlebe elichitha engikushoyo.

18Ubona isela uhambisane nalo, umdibi munye kanye nabaphingayo.

19Awuzibambi ekukhulumeni ububi, izindebe zakho zicevuza inkohliso.

20Unukubeza umfowenu ngamazwi, ulokhu uhleba umntakanyoko.

21Lokhu-ke ukwenzile ngazithulela, wacabanga ukuthi nginjengawe. Ngizokulaya ngikwenekele ububi bakho.

22Qaphelani lokhu nina eningidelelayo funa nginginephule kungabikho onihlengayo!

23Ukungibonga kungumnikelo engidunyiswa ngawo, umuntu ohamba ngobuqotho ngiyombonisa ukuthi ngiyasindisa.”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 51

Elokucela ukuthethelelwa

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide. Walihaya lapho umphrofethi uNatana ehambele kuye njengoba uDavide ayeselale noBhathshebha.

1Ngihawukele Nkulunkulu ube nomusa ngenxa yothando lwakho olungapheliyo!
Lesule liphele icala engilenzileyo ngenxa yobubele bakho obukhulu!

2Ngigezisise ububi bami buphele, ungihlanze isono sami sisuke!

3Ngiyalibona icala lami lisobala, nginevuso lesono sami njalonjalo.

4Ngonile kuwe, ngona kuwe kuphela, ngakwenza lokho okubi phambi kwakho,
ngakhoke kulungile ukuba ungahlulele, uqotho nalapho ungilahla ngecala.

5Ngonakala kwasekuzalweni kwami, nganesono kusukela umame ebamba isisu.

6Uthokoza ngobuqotho ezibilinini zami; ngifundise inhliziyo yami ihlakaniphe!

7Ngichinse ngehisophe nce ngihlanzeke, ngigeze ngibe mhlophe kuneqhwa!

8Ngizwise ukuthokoza nokwesasa, kwethabe namathambo owafohlozileyo!

9Sitheza amehlo ungaziboni izono zami, usal' usuwesula amacala ami onke.

10Nkulunkulu, hlanza inhliziyo yami uyidale kabusha, uvuselele kimi umoya oqinileyo!

11Ungangixoshi phambi kobuso bakho ungephuce uMoya wakho oyiNgcwele!

12Buya ungithokozise ngensindiso yakho, ungiphase ngibe nomoya ovumayo!

13Yikhona ngofundisa izoni indlela yakho, izeqamthetho ziphenduke zibuyele kuwe.

14Nkulunkulu, wena msindisi wami, ngikhulule ngingabi nacala legazi, yikhona ngiyohlokoma ngenjabulo, izindebe zami zidumise ukulunga kwakho.

15Nkosi yami thukulula ulimi lwami, umlomo wami uhashe udumo lwakho!

16Phela awuthakaseli mihlatshelo; ukuba ubuyifuna bengizoyethula kuwe;
kayikujabulisi iminikelo eshiswayo.

17Umhlatshelo owemukeleka kuNkulunkulu ngumoya odabukileyo nowephukileyo;
Nkulunkulu, awuyikubukela phansi inhliziyo eyephukileyo nechobokileyo.

18Lenzele okuhle iZiyoni ngomusa wakho, ubuye uvuse izingange zaseJerusalema!

19Yikhona uyothokoza ngemihlatshelo efaneleyo, ngeminikelo eshiswayo kanye neshiswa yonke, bakuhlabise ngezinkunzi elathini lakho.

AmaHubo 52

Kuyize ukuzigabisa ngobubi

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Elethulwe kumculisi; inkondlo enesifundo kaDavide. Wayihaya lapho uDowegi wakwaEdomu eye kokwazisa uSawuli ukuthi: "UDavide usefikile endlini ka-Ahimeleki."

[1]Uziqhayiselani ngobubi we siqhwaga, uzincomelani uzigabise ngobubi? Uthando lukaSomandla lungunaphakade.

[2]Ulimi lwakho luphotha ukonakala, lubukhali njengensingo qilindini.

[3]Uthanda ububi kakhulu kunokulunga, uthanda amanga kunokukhuluma iqiniso. *Kunekhefu*.

[4]Uthanda inkulumo ecekela phansi, wena onolimi olubi oluqilizayo.

[5]Ngakhoke uSomandla wokuchitha unomphela, akuhlwithe akunyomule emzini wakho, akusiphule ezweni labaphilayo. *Kunekhefu*.

[6]Abaqotho bayokubona lokhu bathuthumele, bakuhleke, bakwenze ihlaya bathi ngawe:

[7]"Yelele! Nansi indodandini engamenzanga uMvelinqangi inqaba yayo kepha yethembela ensadeni yengcebo yayo, yaphika ngamandla ezifiso zayo ezimbi."

[8]Kodwa mina ngiyoba njengesihlekehleke sesihlahla, umhlwathi oluhlaza endlini kaNkulunkulu, ngethemba phakade naphakade isihe sothando lukaNkulunkulu.

[9]E Mvelinqangi! Ngiyokubonga nanini ngokwenzileyo, ngimemezele ukuthi lihle igama lakho ngiphambi kwebandla labangcwele bakho.

AmaHubo 53

Ubuwula nokonakala kohlanga lwabantu

(AmaHubo 14:1-7)

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Isifo"; inkondlo enesifundo kaDavide.

[1]Isiwula sesonakali sizindla sithi: "Akukho Nkulunkulu lapha onake esikwenzayo." Bonke bonakele, banamanyala anengekayo, akakho noyedwa owenza okuhle.

[2]UMvelinqangi uyasinga esezulwini ubuka abantu emhlabeni phansi ukuthi ukhona yini oqondayo okhuthalele ukufuna uMvelinqangi.

[3]Phinde, baphambukile bonke bahlubukile, bonakele bonke ngothi lwabo, akakho noyedwa owenza okuhle, phinde, akakho noyedwa.

[4]Ziyoze zifunde nini izigilamkhuba, lababantu abaqhobozela abantu bami bebadla sengathi basobozela isinkwa, bebe bengakhuleki kuNkulunkulu na?

[5]Nampo kushayana amadolo kubo, nakuba kungekho lutho olushayisa uvalo, ngoba uMvelinqangi wabahlakaza amathambo laba abanihlasela banivimbezela. Nabahlula behlelwa ngamahloni ngoba uMvelinqangi wabadela wabalahla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Sengathi eZiyoni kungavela usindiso lwesizwe sakwaIsrayeli! Mhlazana uMvelinqangi eqeda usizi edlisa isizwe sakhe ngoludala, impela bayojabula abakwaJakobe, isizwe sakwaIsrayeli sithokoze.

AmaHubo 54

Elokucela ukuvikelwa ezitheni

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; inkondlo enesifundo kaDavide. Wayihaya mhla abaseZifi beye kuSawuli bafike bathi: "Uyazi nje ukuthi uDavide ucashe lapha kithi?"

1Nkulunkulu ngisindise ngenxa yegama lakho, ungithethe ecaleni ngamandla akho!

2Nkulunkulu yamukela umkhuleko wami, ubeke indlebe uzwe lokhu engikushoyo!

3Ngisukelwe abafo bangihlasela, izigcwelegcwele zide zingizingela, labo abangamshayi mkhuba uNkulunkulu. *Kunekhefu*

4Impela uNkulunkulu ungumhlengi wami, iNkosi yami ivikela ukuphila kwami.

5Mabazigwaze ngowabo abangiqamekelayo, ubachithe wena othembekileyo.

6Yikhona ngizonikela kuwe ngokujabula, ngibonge igama lakho ngilidumise, ngoba lihle igama lakho Simakade.

7Lingihlengile ezinhluphekweni zonke, ngazibuka izitha zami ngajabula.

AmaHubo 55

Elokucela ukuba amaxoki abhujiswe

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; inkondlo enesifundo kaDavide.

1Wo Mvelinqangi, beka indlebe ulalele umkhuleko wami, ungafulatheli lapho ngicela umusa kuwe!

2Ngizwele unginake ungiphendule, nginesibibithwane ngiyakhala ngiyabubula

3njengoba ngizwa izitha zingisongela, izonakali zingcindezela kabi, zingethwese usizi phezu kolunye zinolaka zingibambela amagqubu.

4Inhliziyo iyatshutshumba ngaphakathi kimi, ukufa kungixhaphazelise amathumbu.

5Ngiphethwe yingebhe ngiyesaba, ngishaywa uvalo olungiqeda amandla.

6Ngase ngithi: "Ukuba benginamaphiko njengejuba! Bengiyondizela kude ngiphumule,

7ngishweze ngiye kwamamangalahlwa, ngithi gozololo ehlane lakwangcedomhlophe." *Kunekhefu*.

8Bengiyoshesha ngiyocasha engosini, ngibalekele isivunguvungu nesiphepho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Wo Nkosi yami bachithe, inkulumo yabo ingahlangani; emzini ngibona umbango
nobudlova.

10Imini nobusuku bazungelezela umuzi, bangqengqa phezu kwezingange zawo;
phakathi kuwo kubusa ububi nosizi.

11Kukhona umonakalo phakathi kuwo, enkundleni abupheli ubudlova nenkohliso.

12Akuyiso isitha sami esingiklolodelayo, ukuba bekunjalo bengiyothula
ngibekezele; ozigabisa ngami akuyena ongibangisayo, ukuba bekunjalo
bengiyocasha singabonani.

13Kanti nguwe ebesilibutho linye nawe singamathe nolimi, wena mngane wami.

14Sasivulelana izifuba sizwana, sasisemshungwini oya endlini kaNkulunkulu.

15Azizunywe ukufa izitha zami, zithunyelwe kwelabaphansi zisaphila, ububi
busemakhaya nasenhliziyweni yazo.

16Mina ngokwami ngikhala kuNkulunkulu, uyongisiza angisindise uSimakade.

17Kusihlwa nangokusa naseminibebade ngizwakalisa ukukhala nokububula,
yikhona eyolizwa izwi lami.

18Uyongihlenga kube khona inhlalakahle, angivikele ngingahlaselwa muntu,
ngokubanini baningi abamelene nami.

19USomandla uyongizwa angiphendulele kubo, yena isimakade esisesihlalweni
sobukhosi. *Kunekhefu*. Kabaphenduki, kabamesabi uMvelinqangi.

20Lowomnganendini ugadla alimaze labo ayehlezi kahle nabo ngokuthula, ephule
isivumelwano sabangane.

21Amazwi akhe ashelelisa okwephehlwa, kodwa uhlongoza impi ngenhliziyo;
unamazwi athambileyo kunamafutha, kepha ebe eyinkemba ebukhali.

22Asethule imithwalo yethu siyishiye kuSimakade okunguyena oyosiphasa,
phakade naphakade akayikuvuma ukuba olungileyo azanyazanyiswe.

23Kodwa wena Mvelinqangi uyobaphosa egodini kwelabaphansi lababantu
abanequngo abakhohlisayo, bangayiphili ingxenye yempilo yabo. Kodwa mina
ngokwami ngethembela kuwe.

AmaHubo 56

Umkhuleko womuntu othembele kuNkulunkulu

*Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Ijuba elingakhaliyo lisemthini
yakwamamengalahlwa"; inkondlo kaDavide. Wayihaya eseGathi lapho amaFiliste embambile.*

1Yiba nomusa Nkulunkulu ungihawukele, izitha zami zingifihlikeza phansi, izilwi
zingixina ngempi usuku lonke.

2Izitha ziyangifihlikeza lize lishone, baningi abalwayo nami bezigabisa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Kuthi nxashana ngifikelwa uvalo ngihlale njalo ngethembele kuwe.

4Ngethembela kuNkulunkulu ngibonga isethembiso sakhe, ngethembela kuNkulunkulu angiyikwesaba nakancane, owasemhlabeni angangenzani na?

5Balokhu begaxeka kokwami belokhu njalo behlose ukungilimaza.

6Bangakhela ugobe bahoba esitha, baqaphelisise lapho nginyathela khona befuna ithuba elihle lokungibulala.

7Baphunyuke kodwa sebone kangaka na? Ngolaka lwakho Nkulunkulu goba izizwe!

8Uyakwazi konke ukuzulazula kwami. Londa izinyembezi zami esigujini sakho; angithi zilotshiwe encwadini yakho?

9Yikhona izitha zami ziyokwehlulwa zihlehliselwe emuva mhla ngikhala kuwe. Ngikwazi kahle kakhulu lokhu ukuthi uNkulunkulu umi nami.

10Ngethembela kuNkulunkulu ngibonga isethembiso sakhe, ngethembela kuSimakade ngibonga isethembiso sakhe,

11ngethembela kuNkulunkulu angiyikwesaba nakancane, umuntu womhlaba angangenzani na?

12Nkulunkulu, ngizibophezele kuwe ngezifungo, ngiyozifeza ngeminikelo yokukubonga,

13ngoba waphephisa ukuphila kwami ekufeni, wavikela izinyawo zami zangakhubeka ukuba ngihambe nginevuso ngoNkulunkulu ngisekukhanyeni okusezweni labaphilayo.

AmaHubo 57

Elokucela ukusindiswa ekuhlushweni

(AmaHubo 108:1-5)

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Ungabhubhisi"; inkondlo kaDavide. Wayihaya esemgedeni lapho ebalekela uSawuli.

1Ngihawukele Mvelinqangi, ngihawukele, wena siphephelo sokuphila kwami, ngaphansi komthunzi wamaphiko akho ngiyokhosela kuze kudlule lamashwa.

2Ngikhala kuMvelinqangi oPhezukonke, kuSomandla ophelelisa konke okwami.

3Uyothumela esezulwini angisindise lapho ongikhonkothayo engiklolodela. *Kunekhefu*. UMvelinqangi uyothumela akhombise uthando lwakhe nokwethembeka kwakhe.

4Ngihlezi phakathi kwabayizingonyama, ngilele phakathi kwabantu abavutha bhe. Amazinyo abo ayimikhonto nemicibisholo, ulimi lwabo luyisinkemba esibukhali.

5Mvelinqangi, akugqame ubukhosi bakho kweliphezulu, udumo lwakho lwande emhlabeni wonke!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Izitha zicuphe izinyawo zami ngesihibe, umoya wami ucwila phansi udangele;
zemba igebe ukuba ngikhalakathele, zaphonseka kwakhalakathela
zona. *Kunekhefu*.

7Inhliziyo yami imi isibindi Nkulunkulu, sengimi isibindi ngineqholo, ngiyocula,
ngikuhubele ngikudumise.

8Phaphama uvuke mphefumulo wami! Phaphamani luqwabe lwami nomqangala;
ngomculo wenu ngiyovusa intathakusa.

9Nkosi yami, ngiyokudumisa phakathi kwezizwe, ngikuhubele naphakathi
kwezinhlanga.

10Ubukhulu besihe sothando lwakho bufinyelela ezulwini nakweliphezulu,
ukwethembeka kwakho kuye kushaye emafwini.

11E Mvelinqangi! Akugqame ubukhosi bakho kweliphezulu, udumo lwakho
lwande emhlabeni wonke!

AmaHubo 58

Elokucela ukuba izonakali zijeziswe

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi: "Ungabhubhisi"; inkondlo kaDavide.

1Imbala nikhipha zona yini izinqumo zobuqotho nxashana nithule du ningasho
lutho na? Nahlulela ngokulunga ningavuni muntu na?

2Phinde, enhliziyweni nakha ubuqili, ezweni nisebenzisa izandla zenu enigcweleza
ngazo ezweni lonke.

3Izoni ziphambuka ekulungeni zisanda kuzalwa, baqamba amanga beduke mhla
bezalwayo.

4Ububi obukubo bunjengobuthi benyoka, unembeza wabo udla umvimbandlebe,
bafana nebululu eliyisithulu,

5alilizwa iphimbo lomthonyi wenyoka, aliwunaki umculo wengcweti yomlumbi.

6Nkulunkulu wohloza amazinyo omlomo wabo, wephule awomhlathi
kulamabhongo Simakade!

7Mabasaphazeke njengamanzi ezigelezela, nxa onjalo eciba ngemicibisholo yakhe
akube sengathi ibuthuntu!

8Abancibilike baphele njengomnenke uhamba uminineka injembunjembu,
njengozelwe kwase kuphuphuma isisu, akaze alibona ilanga ezalwa.

9Umlilo ungakokheli ezinswanini ufudumeze izimbiza zenu zibile, isivunguvungu
somoya sizophephula inyama eseluhlaza naleyo evuthiwe.

10Olungileyo uyojabula angcingcize lapho ebona kuphindiswa kwababi, abhoxoze
ezingazini zezonakali.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Abantu sebeyothi: “Impela ukulunga kuletha umvuzo, ngokwempela ukhona uMvelinqangi uyaphila, nguyena owahlulela umhlaba ngobuqotho.”

AmaHubo 59

Elokucela ukuhlengwa ezitheni

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi “Ungabhubhisi”; inkondlo kaDavide. Wayihaya lapho uSawuli esethumele ukuba baqaphe umuzi kaDavide bambulale.

1Nkulunkulu wami ngihlenge ezitheni, ngikhweze endaweni ephakemeyo, ungivikele kwabangivukelayo bangihlasele!

2Ngisindise kulababantu abayizigilamkhuba, ngikhulule ungihlenge kwabanequngo!

3Awubheke-ke, baqamekele ukuphila kwami, iziqhwaga zibuthanele ukungihlanganyela, ngingone lutho ngingenasono Nkosi yami.

4Bayagijima bayangithathelela ngingenacala. Vuka ungiphuthume ngosizo uzibonele!

5Nguwe uSimakade uNkulunkulu, iNkosi yamaviyo, uNkulunkulu kaIsrayeli; vuka ujezise bonke abezizwe, ungabi nasihe nakoyedwa walamambuka anobubi! *Kunekhefu*.

6Ayaye abuye agwavume kusihlwa njengezinja zihamba zihequnga umuzi wonke.

7Imilomo yawo ibholokoqa inhlamba, amazwi ezindebe zawo ayizinkemba athi: “Akakho ozwa esikushoyo! ”

8Kepha wena Simakade uwahleka usulu, ubenze ihlaya nenhlekisa abezizwe bonke.

9Wena mandla ami, ngohlala ngikulindele, nqaba yami ephakemeyo Mvelinqangi.

10UNkulunkulu wami ongithandayo wongihlangabeza angisize, uMvelinqangi wongisiza ngibuke izitha zami ngename.

11Ungabaqedeli hleze abantu bami bakhohlwe! Bahlakaze ubenze imizulane ngamandla akho, ubagobe Nkosi yami sihlangu sethu!

12Amazwi abawakhuluma ngezindebe zabo ayisono esiphuma ngomlomo wabo. Mababhajwe ekuzigabiseni kwabo nangenxa yokuqanganisa namanga abo.

13Baqothule ngolaka lwakho ubaqede, uqothe imbokodwe nesisekelo, kwazeke ukuthi uMvelinqangi ubusa kwaJakobe nasemikhawulweni yomhlaba. *Kunekhefu*.

14Bayaye babuye bagwavume kusihlwa njengezinja zihamba zihequnga umuzi wonke.

15Behla benyuka befuna abangakusobozela, kuthi nxa bengasuthanga bahhahhame.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Kodwa mina ngokwami ngiyocula ngibabaze amandla akho, ngihlokome
ngenjabulo ekuseni, ngenxa yesihe sothando lwakho, ngoba wena ube yinqaba
yami ephakemeyo nesiphephelo sami ngesikhathi sobunzima.

17Wena mandla ami ngiyokuhubela, nqaba yami ephakemeyo Nkulunkulu,
Nkulunkulu ongithanda ungunaphakade.

AmaHubo 60

Elokucela usizo, ukuba isizwe selekelelwe ezitheni

(AmaHubo 108:6-13)

Elethulwe kumculisi ukuba lifundiswe laziwe, lihlatshelelwe ngendlela ethi "Ubufakazi bungumnduze"; inkondlo kaDavide. Wayihaya lapho elwa nama-Aramu aseMesophothamiya nawaseZobha, uJowabhu wayesephindela emuva wachitha abakwaEdomu abayizinkulungwane eziyishumi nambili endaweni ethiwa yisiGodi seSwayi.

1Wo Nkulunkulu! usiyekelele wasilahla saze sachithwa ngoba usithukuthelele.
Sisize sibuye sidle ngoludala!

2Wazamazamisa umhlaba waqhekeka, vala izimfa zawo ngoba uyaxegezela!

3Abantu bakho ubadlulise ebunzimeni, wabadakisa ngewayini kwaphambana
imilenze.

4Kodwa lababantu abakwesabayo ubaphakamisele isihlangu nce baqoqane
babalekele ugwibisholo lwesitha. *Kunekhefu*.

5Ukuze abathandiweyo bakho basindiswe, sinqobise ngesandla sakho sokunene
ubuye futhi usizwe sikhuleka!

6UMvelinqangi ukhulume esebungcweleni bakhe wathi: "Ngiyozigabisa
ngokuphumelela kwami, ngidabule iShekemu ngilabe, ngiklame isigodi
saseSukothi.

7Izwe lakwaGiliyadi ngelami, ngelami nezwe lakwaManase, uEfrayimu
uyisihlangu sokuvikela ikhanda lami, uJuda yintonga yami engibusa ngayo,

8elakwaMowabhu lingumcengezi enginqamulela izinyawo kuwo,
kwelakwaEdomu kulapho ngikhweza khona izicathulo, nina maFiliste halalisani
nihlokome ningikhonze! "

9Ngubani oyongisa kulowomuzi oyinqaba, aze angibeke kwelakwaEdomu na?

10Nkulunkulu, akuwena osidubile wasilahla? Wo Nkulunkulu! Awusaphumi impi
namaviyo ethu na?

11Sisize uselekelele komelene nathi, luyize usizo lomuntu womhlaba.

12Sonqoba ngoNkulunkulu engakithi, azidovadove phansi izitha zethu.

AmaHubo 61

Elokwethembela ekuvikelweni nguNkulunkulu

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; elikaDavide.

[1]Nkulunkulu yizwa ukukhala kwami, ubeke indlebe ulalele umkhuleko wami!

[2]Ngikhala kuwe ngikude emajukujukwini, inhliziyo yami idangele ishona phansi. Ngikhuphulele kwelenyoni esiweni eside engingenombele kuso mina ngokwami!

[3]Ngoba wena ubulokhu uyisiphephelo sami, inqaba engumbhoshongo oqinileyo yokungivikela nxa ngihlaselwa yisitha.

[4]Sengathi ngingahlala endlini yakho njalo, ngikhosele phansi kwamaphiko akho! *Kunekhefu*.

[5]Nkulunkulu, uzwile izethembiso zami; labo abalesabayo igama lakho ubapha isabelo babe yizindlalifa.

[6]Yilonde inkosi ikhule ize ikhokhobe, iphile ize idle izinyoni zabantabayo!

[7]Ayihlale esihlalweni sobukhosi ibuse, yenganyelwe nguwe Nkulunkulu njalonjalo, isihe sothando lwakho lwafuthi nokwethembeka kwakho kuyilondoloze.

[8]Yikhona ngiyokuhubela unaphakade, ngifeze izifungo zami nsukuziphuma.

AmaHubo 62

NguNkulunkulu yedwa isiphephelo sethu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela kaJeduthuni; ihubo likaDavide.

[1]Umphefumulo wami uzolile kuMvelinqangi yedwa kuphela, kukuye lapho kuvela khona insindiso yami.

[2]Nguye yedwa kuphela idwala nomsindisi nenqaba yami, angisoze ngatatazela kakhulu.

[3]Kuyoze kube nini umuntu nimsukela nina nonke ukuze nimbulale na? Unjengodonga olutshekele ukuwa nogange oludilizwe lwawiswa phansi.

[4]Ninenhloso eyodwa kuphela yokuba nimkhiphe esikhundleni sobukhosi, nijabulela ukuba niphothe amanga, ningamashayakhothe abusisa ngezindebe, kanti enhliziyweni yenu niyaqanganisa. *Kunekhefu*.

[5]Mphefumulo wami thula uzole kuNkulunkulu yedwa kuphela, kukuye lapho kuvela khona ithemba lami.

[6]Nguye yedwa kuphela idwala nomsindisi nenqaba yami, empeleni ngeke ngitatazeliswe.

[7]Insindiso nodumo lwami lukuNkulunkulu; idwala eliqinileyo nesiphephelo sami, kukuNkulunkulu wami.

[8]Thembelani kuye njalo sizwe sami, nibhoboke nimkhiphele isifuba senu; uNkulunkulu uyisiphephelo sethu sokukhosela. *Kunekhefu*.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Abantukazana banjengomoya oheleza udlule; izikhulu ziyize elingento yalutho.
Bonke balula bayikhasi lapho bevivinywa, bawubalana kunomoya oheleza udlule.

10Nize ningabethembi ubudlova, ningabi nagugu ngokuqhwagiweyo, noma
ingcebo yanda ningethembeli kuyo!

11UMvelinqangi wake wakhuluma kanye, ngaphinda okwesibili ukukuzwa lokhu,
ukuthi uNkulunkulu unguSomandla

12nokuthi wena Nkosi yami unesihe nothando. Uphindisa kubo ngamunye
ngemisebenzi yabo.

AmaHubo 63

UNkulunkulu wenelisa umphefumulo owomileyo

Ihubo likaDavide alihaya lapho esogwadule lwaseJudiya.

1Nkulunkulu, Nkulunkulu wami Somandla! Unguyena kanye engimfunisisayo,
umphefumulo wami ukomele, uqobo lwami lulangazelela wena kwelesomiso
ezweni elintula amanzi.

2Kanjalo ngakufuna endlini engcwele nce ngibone amandla nenkazimulo yakho.

3Luhle uthando lwakho olungapheliyo, lwedlula ukuphila uqobo lwakho,
ngakhoke izindebe zami ziyokudumisa.

4Ngiyolokhu ngakubonga ngisaphila, ngiphakamisele izandla zami kuwe
ngikukhulekele ngenxa yegama lakho.

5Umoya wami uyazitika ngawe kungathi ubusa ngamanoni namafutha,
ngikudumisa ngikubonge ngithokoze, izindebe zami zihlokome ngenjabulo,

6lapha ngilele ocansini ngikukhumbule ngizindle ngawe phakathi kwamabili.

7Wena kade wawulokhu ungisiza, ngithokoza ngihlokoma ngenjabulo ngiphansi
kompheme wamaphiko akho.

8Umphefumulo wami unamathele kuwe, esokunene sakho silokhu singisingethe.

9Lababantu abasophe ukungibulala boshona phansi baye kwelabafileyo,

10bangenelwe ngomkhonto lapho ibambene, izidumbu zabo zinephulwe
yizimpungushe.

11Inkosi ebusayo iyothokoza ngoNkulunkulu, bonke abenza izifungo ngaye
bazigabise, kepha umlomo wabanamanga uyovalwa.

AmaHubo 64

Elokucela ukuvikelwa ezitheni ezisithakele

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Mvelinqangi, yizwa izwi lami nxashana ngikhala; ngivikele esitheni esingishayisa
uvalo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Ngicashise ngiphephe ozungwini lwababi nasesiphithiphithini sezigilamkhuba!

3Ulimi lwabo lulolwe okwemkemba, bacijisa amazwi ahlabayo njengemicibisholo

4ukuba bamcibe ongenacala besesitha, bamhlabe isidumo engazelele bengesabi.

5Bayadudana bavumelana ngeqhinga elibi, bacebisane ukucupha izingibe ekusithekeni, bayaye bathi: "Ngubani osibonayo na? "

6Bakha amaqhinga bacebisane bathi: "Sesilakhe kahle icebo esilihlongozayo." Ujulile umqondo nenhliziyo yomuntu.

7UMvelinqangi abesebanemba ngomcibisholo, khona manjalo balimale babe namanxeba.

8Ulimi lwabo ngumkhonto abazigwaza ngawo, bonke abababonayo bayobaleka bethukile.

9Abantu bonke bayoshaywa uvalo bathi lokhu kungukwenza kukaMvelinqangi, bazindle ngemisebenzi yakhe bayiqonde.

10Olungileyo uyothokoza ngoSimakade: uyobaleka afike kuye aphephe, bazigabise bonke abanhliziyo ziqotho.

AmaHubo 65

Elokubonga izicolo zikaNkulunkulu emvelweni

Elethulwe kumculisi; ihubo eliyiculo likaDavide.

1Nkulunkulu, kufanele impela ukuba bakudumise bazole eZiyoni, abantu bafeze izifungo zabo kuwe.

2Wena ohlalele ukuzwa imikhuleko, isintu sonke masizilethe kuwena.

3Amacala engiwenzileyo angigabhile, kepha mayelana nezeqo zethu wena uyazithethelela zonke.

4Ubusisiwe umuntu omkhethayo umsondeze ahlale ezigodlweni zakho. Sisuthise ngokuhle kwendlu yakho, endaweni engcwele ethempelini lakho!

5Uyasiphendula ngezindlela ezimangalisayo wena olungileyo, Mvelinqangi msindisi wethu, wena okwethembela kuwe abantu bonke emikhawulweni yonke yomhlaba nasezilwandle ezikude emajukujukwini.

6Ngamandla akho wagxumeka izintaba, ubuqhawe buyixhama obhince ngalo.

7Ukhuza ukuduma kolwandle kulothe, ukugubha nokuhlokoma kwamadlambi alo, nesiphithiphithi esixokozelisa izizwe.

8Labo abahlala emaphethelweni omhlaba bethuswa izibonakaliso ozenzayo; uyabathokozisa bahlokome bajabule abasempumalanga nabasentshonalanga.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Ngomusa wakho uwuhambele umhlaba wachuma, wawuvundisa kwavama
nokudla; imifula yakho Mvelinqangi ihlala igcwele. Bese upha abantu inqwaba
yokudla, nenhlabathi uyilungisela ukutshalwa.

10Ulinisa imvula eyaneleyo emasimini, uhlelembe kahle amagade atubuzeke,
uthambise umhlabathi ngembozisamahlanga, kukhule kahle kuvame imvunde.

11Uveza izicolo zakho ngonyakamuhle, lapho uhambe khona kulandela inala.

12Amadlelo ehlane ahluma akhephuzele, amagquma embatha uhlaza
olujabulisayo.

13Imihlambi iklabile emadlelweni nezimfunda zibelethe amabele abomvu,
kwethaba abantu bakuhubele.

AmaHubo 66

Elokubonga imisebenzi yamandla kaNkulunkulu

Elethulwe kumculisi; ingoma eyihubo.

1Hlokomani mhlaba wonke nihubele uNkulunkulu.

2Hlabelelani nihashe igama lakhe, nihlokome udumo lobukhosi bakhe!

3Vumani nimhashe uMvelinqangi nithi: “Imisebenzi yakho mikhulu iyesabeka!
Amandla akho makhulu ayesabeka, izitha zakho ziyoza zigaqa ngamadolo.

4Abantu bonke bomhlaba bakhothamela wena bayakubonga, badumisa igama
lakho.” *Kunekhefu*.

5Ake nizobona imimangaliso kaMvelinqangi, kuyesabeka akwenzileyo phakathi
kwabantu.

6Ulwandle walomisa lwaba umhlabathi, okhokho bawela umfula ngezinyawo;
lapho-ke sajabula ngakwenzileyo.

7Uyabusa ngamandla akhe unaphakade, iso lakhe lihlezi liqaphele izizwe,
amaphikankani awangazidli aziqhayise! *Kunekhefu*.

8Mbongeni uNkulunkulu wethu nina zinhlanga, mhasheni udumo lwakhe
ngendumiso!

9Nguye osingathe impilo yethu sangafa, akavuma izinyawo zethu zishelele.

10Nguwe Nkulunkulu owasivivinyayo, wasihlambulula njengesiliva esithandweni.

11Wavuma ukuba sibhajwe ogibeni, wasethwesa ubunzima emahlombe ethu,

12wavumela izitha zagijima phezu kwethu, sadabula emlilweni nasesikhukhuleni,
wabuye wasikhipha kulokho sabusa.

13Ngoya endlini yakho neminikelo eshiswayo, ngifeze phambi kwakho izifungo
zami,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14lezo engaziphimisa ngezindebe zami ngazikhuluma mhla ngihlezi ngilusizi.

15Ngiyokwethula kuwe izimvu ezinonileyo, nginikele ngazo zosiwe elathini, kunuke usi lokusha kwezinqama, ngikuhlabele izinkunzi nezimpongo. *Kunekhefu*.

16Wozani nizobeka indlebe nina nonke, nisondele nina enesaba uNkulunkulu, nginilandise ngalokho angenzele khona.

17Ngakhala kuye ngamcela usizo, indumiso yakhe yayisiba sesihlokweni solimi.

18Ukuba bengiqonde ububi enhliziyweni iNkosi uSomandla ngabe ayingizwanga.

19Nokho uNkulunkulu wangizwa ngempela, wabeka indlebe walalela umkhuleko wami.

20Akubongwe uNkulunkulu ongangifulathelanga lapho ngikhuleka kuye, ongasigodlanga isihe sothando lwakhe.

AmaHubo 67

Izizwe zonke mazidumise uMvelinqangi

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; ihubo eliyiculo.

1Mvelinqangi, senzele ububele usibusise, usibuke ngobuso bakho obunomusa, *Kunekhefu*,

2ukuze indlela yakho yazeke kwamhlaba nosindiso lwakho ezizweni zonkana.

3Azikudumise izizwe Mvelinqangi, zikudumise izizwe ngothi lwazo!

4Akuhlokome izinhlanga ngentokozo, ngoba wehlulela izizwe ngobuqotho, uhola izinhlanga zawo wonke umhlaba. *Kunekhefu*.

5Azikudumise izizwe Mvelinqangi, kudumise izizwe ngothi lwazo!

6Umhlaba unethezekile ngenala yokudla, wena Nkulunkulu wethu usibusisile.

7UMvelinqangi wasibusisa kakhulu, sengathi bangamesaba bonke abahlala emikhawulweni yomhlaba.

AmaHubo 68

UNkulunkulu waseSinayi nguye osendlini engcwele

Elethulwe kumculisi; elikaDavide; ihubo eliyiculo.

1Nango uMvelinqangi esukuma, izitha zakhe ziyahlakazeka, abamzondayo bayabaleka phambi kwakhe.

2Ubahlakaza njengentuthu ipheshethwa; izonakali zibhubha phambi kukaNkulunkulu njengengcina incibilikiswa umlilo.

3Kepha abalungileyo bayethaba nokwethaba. Bayajabula baphambi kukaNkulunkulu, bathokoza bathi ngcingci kamjoji.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Culani nidumise uMvelinqangi, nimbonge ngenxa yegama lakhe, nimhashe yena ogibela esibhakabhakeni, lowo ogama lakhe linguSimakade, nihlokome ngenjabulo phambi kwakhe!

5Unguyise wezintandane nommeli wabafelokazi, uMvelinqangi esendlini yakhe engcwele.

6UMvelinqangi usiza imihambima ayitholele ikhaya lokuhlala, ukhipha iziboshwa zinethezeke; kepha amaphikankani ahlale kwahlongasibi.

7Mvelinqangi, waphuma wahola isizwe sakho, wasihola wadabula naso ehlane. *Kunekhefu*.

8Kulapho umhlaba wanyikizela khona, izulu lana isibhidli semvula lapho kuza wena Mvelinqangi; leyontaba iSinayi yazamazama lapho kuza wena Mvelinqangi, wena Nkulunkulu kaIsrayeli.

9Walinisa isiphihli semvula Mvelinqangi, nguwe owasimamisa isabelo sakho lapho lifile izwe lakho lomisile.

10Abantu bakho Nkulunkulu bakha kulo, ngesihe sakho wahlinzeka abahlushiweyo.

11INkosi uSomandla yakhipha izwi, kwakikizela umshungu omkhulu womame washumayela indaba emnandi wathi:

12“Amakhosi namaviyo awo ayakhumuka ayabaleka, isimame sehlukaniselana impango emakhaya.

13Niqubeleni esibayeni sezimvu na? Amaphiko ejuba ambozwe yisiliva elimpaphe zalo zicwebezelisa okwegolide.

14Entabeni iZalimoni kwakhithika iqhwa lapho uSomandla edungula amakhosi.”

15Uyintaba kaMvelinqangi isibili wena ntaba yaseBhashani! Uyintaba emangelengele ngokuqonga wena ntaba yaseBhashani!

16Nina ziqongo zezintaba ezithe tshilo, niyintshontshelani ngeso niyifele umona leyontaba ayikhethile uMvelinqangi efuna ukuzinza kuyo na? USimakade uyokwakha kuyo unomphela.

17Izinqola zikaMvelinqangi ziyizigidi, ziyizinkulungwane ngezinkulungwane; iNkosi uSomandla ihamba igibele kuzo. Ithe ingani ibisentabeni iSinayi, kanti isisendlini yayo engcwele.

18Wenyukela endaweni yakho ephezulu, wemuka nabaningi abathunjiweyo, abantu bathela kuwe wemukela izipho, ngisho namaphikankani imbala, nce uhlale khona, Nkosi Mvelinqangi.

19Ayibongwe idunyiswe iNkosi uSomandla, imihla ngemihla isithwala isisingathe! UNkulunkulu uSomandla uyinsindiso yethu. *Kunekhefu*.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

20UMvelinqangi uSomandla unguNkulunkulu wethu osindisayo, kuSimakade iNkosi yethu sophulwa nasekufeni.

21Kodwa uMvelinqangi uyophohloza amakhanda ezitha zakhe nokhakhayi olunonwele lwabaphikelela ezonweni.

22INkosi uSomandla yakhuluma yathi: "Izitha zakho ngiyozinqanda naseBhashani, ngizikhalime nezisezinzulwini zolwandle,

23nce ubhoxabhoxe unyawo ezingazini zabafo nezinja zakho zibaxhaphe igazi zidele."

24Mvelinqangi zibonakele izindwendwe zakho, izindwendwe zikudumisa endlini engcwele, Bayede Nkulunkulu wami Somandla!

25Ziholwa phambili yiviyo labahlabeleli, emuva kulandela amagagu omculo, phakathi nabo kuhamba izintombi zihamba zikhencezisa okhencekhence,

26bonke bathi: "Bongani uMvelinqangi phambi kwamabandla, nidumise iNkosi nina bohlanga lukaIsrayeli! "

27Kuza uBhenjamini uthunjana uyababusa, kuza izikhulu zikaJuda ziyisigejane, bese kuza izikhulu zikaZabuloni noNaftali.

28UNkulunkulu wenu uninike amandla. Nkulunkulu wena owasisizayo, phinda ubonakalise amandla akho,

29wena osethempelini lakho eJerusalema lapho amakhosi ekwethulela khona izipho.

30Khuza iGibhithe, lowomdlwembe oquba emhlangeni, uthethise nezizwe, eziyimihlambi yezinkunzi namathole azo, ukuze beze bakukhothamele bonke, bethule kuwe izinhlamvu zesiliva. Uhlakaza izinhlanga ezishisekela impi.

31Izikhulu ziyovela kwelaseGibhithe, abaseThophiya bayothi: "Bayede Mvelinqangi! " baphuthume bephethe iminikelo ngezandla.

32Nina mibuso yomhlaba wonkana hlabelelani nidumise uMvelinqangi, nihubele iNkosi uSomandla! *Kunekhefu*.

33Igibela ngengidi esibhakabahakeni, esibhakabhakeni somkhathi wakudala. Lalelani lapho iklabalasa ngombhongo, isho ngephimbo layo elesabekayo.

34Vumani ukuthi uMvelinqangi unamandla! Wengamele uIsrayeli uyambusa, namandla akhe afinyelele emazulwini.

35Mvelinqangi, uyesabeka kawubhekeki, ethempelini lakho lapho ukhona. USomandla uNkulunkulu kaIsrayeli nguye opha abantu bakhe amandla, abanike amandla amakhulu esabekayo. Akubongwe uMvelinqangi!

AmaHubo 69

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Ukukhala komuntu ososizini

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelewe ngendlela ethi "Iminduze"; elikaDavide.

1Ngisindise Nkulunkulu, ngiyaminza, amanzi asengeqa ikhanda imbala.

2Ngibisha obhukwini olubikizelayo la kungekho ndawo eqinileyo yokusimama, ngizika kumaminzela wesiziba, nazi izikhukhula zomsinga zingigwilizisa!

3Ukukhala kwami kungikhandlile kabi, umphimbo wami womile uyankenketha, amehlo aseze afiphala ayetha ngilindele wena Nkulunkulu wami.

4Abangizonda kungekho sizathu baningi bedlula izinwele ekhanda, abayizitha zami ngingone lutho badlangile ngonya bafuna ukungisusa, bangihlawulisa noma ngingaphanganga.

5Wo Nkulunkulu, wena wazi ubuwula bami, nezono zami azifihlakele kuwe.

6Mabangatheleki amahloni ngenxa yami labo abahlala bethembele kuwe Nkosi yami Simakade, Nkosi yamaviyo. Akungenzeki ukuba bahlazeke ngenxa yami abafuna wena Nkulunkulu kaIsrayeli.

7Ngithwele ihlazo ngenxa yakho, nganyobozela, ubuso behla izihlathi.

8Sengiphenduke owezizwe kubafowethu, ngingumfokazi kwesashiyelana nabo ibele.

9Ukushisekela indlu yakho kungidlile, inhlamba abakuchapha ngayo wena nami futhi bangithuke ngayo.

10Kuthe ngikhala ezimathonsi ngizila ukudla nalokho kwaba inhlamba ngathukwa ngakho.

11Ngizilile ngembatha amasaka, ngaphenduka isaga kubo ngabhinqwa.

12Batekula ngami behlezi ebandla, nezidakwa zichwaya ngami etshwaleni.

13Kepha mina ngiza kuwe Simakade, ngikhuleka kuwe uma ngisemukeleka ngomusa. Ngizwe Nkulunkulu ungiphendule lokhu unothando olukhulu olungapheliyo, ugcina isethembiso sakho sokusindisa.

14Ngimonyule obhukwini ingaze ngibishe, ungophule kwabangizondayo nasesizibeni samanzi ajulileyo,

15hleze izikhukhula zomsinga zedlule nami nozwa lungibize ngishone kwalasha, igodi lingigwinye ngibhubhe.

16Ngizwe Nkosi yami ungiphendule, ngoba luhle uthando lwakho lwafuthi! Phendukela kimi wena onobubele.

17Ungayincintshi amehlo inceku yakho; ngisenkathazweni, phuthuma ungiphendule!

18Sondela uhlenge ukuphila kwami, ngikhulule ngoba izitha zami ziningi!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Wena uyakwazi ukuklolodelwa kwami nokuhlazeka kwami ngehlelwa ngamahloni, abamelene nami ubabone bonke.

20Ukuhlanjalazwa kungephule umoya wami, ngaphela amandla kwaqaqamba, ngaqalaza ongangizwela akaba bikho, ngafuna abangangiduduza ngabeswela.

21Kanti futhi bangifakela ubuthi ekudleni kwami, bangiphuzisa uvinika lapho ngomile.

22Isithebe sabo masibe yisihibe nogibe kwabahlezi bengahlushwe lutho!

23Amehlo abo awaqundeke bangaboni, bakhumuke amanyonga bantenge njalo!

24Bavuthele ngolaka lwakho ubajezise, bathelekele ngovuthane lwentukuthelo yakho!

25Imizi yabo mayiqothulwe ibe yihlane, amadlangala abo akhale ibhungane!

26Ingani nakhu bazingela omshayileyo, nampa bekhuluma kabi ngezinhlupheko nezinhlungu zalowo olimeleyo wakho.

27Babeke icala phezu kwelinye, lingabathethi baphume phambili.

28Ake ubesule encwadini yabaphilayo, bangalokothi babalwe nabalungileyo!

29Kepha mina ngilusizi ngisezinhlungwini. Ngivikele ngensindiso yakho Nkulunkulu, ungikhweze endaweni ephakemeyo!

30Ngiyohubela igama likaMvelinqangi, ngibabaze ubukhulu bakhe ngezibongo.

31Kuyothandeka kuSimakade kumjabulise ngaphezu kokunikela kuye ngenkabi, ngenkunzi emise izimpondo yabuye yahlukanisa izinselo.

32Abazithobayo bokubona lokhu bajabule, nina enifuna ukumkhonza uNkulunkulu izinhliziyo zenu ziyovuselelwa.

33USimakade uyabezwa abampofu, akabadeli abangabakhe ababoshiweyo.

34Alimdumise izulu nomhlaba nolwandle nokutshuzayo konke okukulo!

35Ngoba uNkulunkulu uyosindisa abaseZiyoni, ayakhe kabusha imizi yabakwaJuda, abantu bakhe bahlale kuyo babelwe izwe,

36abazukulu bezinceku zakhe balidle ifa, abathanda igama lakhe balakhele izwe.

AmaHubo 70

Elokucela ukuhlengwa

(AmaHubo 40:13-17)

Elethulwe kumculisi; elikaDavide eliyisikhumbuzo.

1Nkulunkulu shesha uzongihlenga! Simakade phuthuma uzongisindisa!

2Akuhlazeke kudumazeke futhi laba kanye abafuna ukungibulala! Bahlehle nyovane bajabhiswe labo abajabula ngeshwa lami!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

3Bahlehlele emuva ngenxa yamahloni abo labo abangiklibhizela bathi: “Ashila! ”

4Abethabe bathokoze ngenxa yakho bonke labo abafuna ukukukhonza! Bahlale bethi: “UNkulunkulu mkhulu! ” bonke labo abathanda insindiso yakho!

5Mina ngihluphekile ngimpofu; Nkulunkulu phuthuma uze kimi! Nguwe umhlengi nomkhululi wami, Simakade shesha ungalibali!

AmaHubo 71

Umkhuleko womuntu osemdala

1Ngibalekela kuwe Simakade, ungangijabhisi ngidumale nanini!

2Ngihlenge ngokulunga kwakho, ungophule! Beka indlebe ungizwe ungisindise,

3yiba yidwala engiyophephela ngihlale kulo, engingabalekela kulo imihla ngemihla. Wakhipha umyalo wokuba ngisinde ngalo, wena uyisiwa esingoje nenqaba yami.

4Nkulunkulu wami, ngikhulule esandleni sezonakali nakumuntu ongalungile ononya ofuna ukungibhozomela ngamazipho!

5Uyithemba lami wena Nkosi Simakade, ngethembela kuwe kusukela ebusheni bami.

6Ngencika kuwe kwasesiswini sikamame, wangihlenga mhla ngifika emhlabeni, ngihlala ngidumisa ngawe njalo.

7Ngaphenduka umhlola kwabaningi, kepha wena uyisiphephelo namandla ami.

8Ngohlala ngiphuphuma indumiso yakho, ngihlokome ngenkazimulo yobukhosi bakho.

9Uze ungangilahli lapho sengigugile, ungangideli lapho sengiyintotholo lo,

10ngoba izitha zikhuluma kabi ngami, nabangiqamekelayo bahlangene bakha uzungu,

11bathi: “UNkulunkulu umdelile wamlahla, asimzingele simbambe, akekho ozomsindisa! ”

12Nkulunkulu ungaqheli ube kude nami! Nkulunkulu wami, phuthuma uzongihlenga!

13Sengathi labo abafuna ukuphila kwami bangehlulwa behlelwe amahloni babhubhe, nalabo abahlose ububi ngami bathukeke ngenhlamba bahlazeke.

14Kepha mina ngiyohlala ethembeni, ngandise izibongo zakho njalo.

15Ngiyoyixoxa eyokulunga kwakho Sokulunga, ngikhulume njalo ngosindiso lwakho. Izigigaba zensindiso yakho azibalwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Nkosi yami Simakade, ngoveza obala imisebenzi yakho emikhulu, ngibabaze
ukulunga kwakho, wena wedwa.

17Nkulunkulu wangifundisa kwasebusheni bami, kuze kube manje ngisakhuluma
ngemisebenzi yakho emangalisayo.

18Sekothi nalapho sengikhulile ngimpunga, ungangiyekeleli ungilahle Nkulunkulu,
ngize ngixoxele abazukulu ngamandla akho nangobukhulu bakho kubo bonke
abasazozalwa.

19Mvelinqangi, ukulunga kwakho kugqamile kweliphezulu; wena owenze
imisebenzi yamandla, Mvelinqangi ukhona yini onjengawe?

20Wangibonisa izinsizi eziningi ezesabekayo, kodwa uyobuye uguquke
ungiphilise, ubuye ungikhiphe ezweni labafileyo.

21Sengathi ungandisa ubukhulu bami, uphinde ungibheke ungiduduze.

22Nami sengiyobetha uqwabe ngikubonge ngokwethembeka kwakho Nkulunkulu
wami. Bese ngikuhubela ngishaye ugubhu, ngikubongele Ngcwele kaIsrayeli.

23Izindebe zami ziyohlokoma ngenjabulo lapho ngikuhubela wena ngikubonga,
kuthokoze nomphefumulo wami owuhlengileyo.

24Ngiyomemezela njalo ngobuqotho bakho, ngoba labo abahlose ukungilimaza
bahlazekile batheleka amahloni.

AmaHubo 72

Ukubusa kwenkosi eqotho

ElikaSolomoni.

1Nkulunkulu, fundisa ingonyama ukuba ikwazi ukwahlulela ngobuqotho, uphe
umntanenkosi ukulunga kwakho,

2nce yahlulele abantu bakho ngokulunga, ibuse ngobuqotho abahlushwayo bakho.

3Ukulunga nobuqotho okubusa ezweni kuyochuma ezintabeni nasemagqumeni,
kuhlalise abantu bakho ngokuthula.

4Iyobabusa kahle abampofu besizwe, ivikele amalungelo ezimpofana, bese ichitha
lowo ocindezelayo.

5Wena Mvelinqangi bayokwesaba, inqobo lisaphuma lishone ilanga, nenyanga
isekhona isakhanya, kube yizizukulwane ngezizukulwane.

6Lenkosi iyotheleka njengemvula emadlelweni, njengezihlanjana ezimatisa
umhlabathi.

7Emihleni yayo abalungileyo bayonethezeka, kube nomlibe wenhlalakahle ezweni
kuze kufe inyanga ingabe isakhanya.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Umbuso wayo awande umhlaba wonke, imincele yawo ihlanganise nezilwandle,
kusukela emfuleni omkhulu iYufrathe kuze kufinyelele emikhawulweni yomhlaba.

9Ayikhothanyelwe yizizwe ezakhe ogwadule, izitha zayo zigaqazele othulini.

10Amakhosi aseThashishi nawasemazweni agudla ulwandle awathele kuyo
ayethulele izipho, awakwaShebha nawakwaSebha alethe iminikelo.

11Nempela amakhosi ngothi lwawo eze egaqa ngamadolo phambi kwayo, izizwe
zifike zikhonze kuyo.

12Iyosindisa ompofu ozikhalela kuyo nalowo obuswezi nongenabani ongamsiza.

13Iyozwela ohluphekayo nompofu, isindise ukuphila kwezimpofana

14ibakhulule ekucindezelweni nasebudloveni, beyigugu elithandekayo emehlweni
ayo, iphindise kulowo ochitha igazi labo.

15Bayede nkosi! ume njalo wena ongasenhla! Akwethulwe kuyo igolide
lakwaShebha, icelelwe mihla yonke ngemikhuleko, icelelwe njalo isibusiso
sikaNkulunkulu!

16Izwe alivame inala yamabele, amagquma embathe iminyani, ihwashazise
okwezihlahla zaseLebhanoni, abantu baminyane emanxulumeni, babe
ngangotshani bezwe ngobuningi!

17Igama layo alime ungunaphakade idume ibe ngusimayedwa njengelanga,
bazifisele izibusiso ebusiswa ngazo, zonke izizwe ziyituse zithi ibusisiwe!

18Akubongwe uSimakade uNkulunkulu, yena Nkulunkulu wakwaIsrayeli; nguye
yedwa vo owenza izimangaliso!

19Alibongwe lidunyiswe ungunaphakade igama likaSimakade elidumileyo,
umhlaba wonke ugcwale udumo lwakhe! Elethu! Ameni!

20Isigcino semikhuleko kaDavide umntakaJese.

AmaHubo 73

Isigaba sesithathu

Isiphetho sezonakali

Ihubo lika-Asafu.

1Impela, uNkulunkulu umphatha kahle uIsrayeli, labo abanhliziyo yabo imsulwa.

2Kepha mina ngacishe ngakhubeka, izinyawo zami zacishe zashelela,

3ngoba ngaba nomona nabazidlayo lapho ngibona izonakali zichuma.

4Kabezwa zinhlungu msukwana befayo. Bakhuluphele, bededele imikhaba.

5Izinhlupheko ezehlela isintu azibehleli, kabashaywa umhlaba njengabanye.

6Ngakhoke balugaxile ucu lokuzidla, ubudlova buyisembatho abasigqokayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Bakhuluphele bangamaqhumu ngamehlo, abakuhlosa ngenhliziyo akuqedwa.

8Baklolodela abanye bakhulume okubi, baziqhenye bahlongoze ukubacindezela.

9Umlomo wabo bawubhekise ezulwini, nolimi lwabo lulawula nasemhlabeni.

10Kanjalo-ke nesizwe esibizwa ngoSimakade sidamane sigijimela kubo, sifike siphuze amanzi size sidele.

11Bathi: “UNkulunkulu uSomandla waze kanjani? OPhezukonke ngeke akwazi okwenzekayo.”

12Banjalo-ke abantu abayizonakali: badamane benethezeka bechuma.

13Impela, inhliziyo yami ngayihlambululela ize, baba yize ubumsulwa bezandla zami.

14Ngavelelwa ngamashwa nsuku zonke, ngathola isijeziso ngashaywa mihla.

15Ukuba ngakhuluma njengabo Nkosi, ngabe ngahlamuka kubantu bakho.

16Ngangilokhu ngikuzindla lokhu, ngaqundeka amehlo ngangakhanyelwa

17ngaze ngangena endlini yakho engcwele ukuba ngizindle ngesiphetho sabo.

18Impela, wena uyobabeka endaweni eshelelayo ubathanqaze phansi babhubhe nokubhubha.

19Maye! Bachithwa ngokuphazima kweso, bayaphela badliwe yizinhlupheko ezesabekayo.

20Nkosi yami, bayonyamalala njengezithunzi lapho uvukayo, babe njengephupho elinqamukayo ngokusa.

21Umphefumulo wami wawuyaye ube munyu, lihlabe lephukele enhliziyweni yami,

22ngibe yisithutha ngingaqondi, ngaphenduka isilwane phambi kwakho.

23Nokho nginamathela kuwe njalo, ungibambile ngesandla sami sokunene.

24Uyangeluleka ungihole endleleni yakho, ekugcineni ubusungamukela ebukhosini.

25Nginobani ezulwini ngaphandle kwakho? Nxa nginawe angifuni lutho emhlabeni.

26Umzimba nomoya wami kungehluleka, kepha wena Mvelinqangi uyidwala lami, isabelo nefa lami ungunaphakade.

27Impela, labo abaqhela kuwe bayobhubha, uchithe zonke iziphingi ezihlubuka kuwe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

28Kepha mina ngijabulela ukuba seduze nawe Nkulunkulu, Nkosi Simakade
ngakwenza isiphephelo sami nce ngishumayele ngemisebenzi yakho yonke.

AmaHubo 74

Elokucela ukuvikelwa kwesizwe ezitheni

Inkondlo enesifundo ka-Asafu.

1Kungani Nkulunkulu ukuba uze usilahle unomphela, uthukuthelelani ukhiphe
umusi emakhaleni, ushunqele izimvu zedlelo lakho na?

2Khumbula ibandla lakho ungalilibali, ibandla owazizuzela lona kwasemandulo
walihlenga laba yisizwe esiyifa lakho, ukhumbule lentaba iZiyoni eyilawu lakho!

3Woza ubone incithakalo engumlibe, isitha sabhidliza konke endlini engcwele.

4Abamelene nawe babhonga enkundleni yakho, bakhuza ezabo izaga esikhundleni
sezethu.

5Wawungathi ngabantu bayagawula baceka ngamazembe udukathole wehlathi.

6Izitha seziphohloze ngamazembe nangemigxala konke okubaziweyo
okusethempelini lakho.

7Zathungela ngomlilo indlu yakho engcwele, zangcolisa lendlu ebizwa ngegama
lakho, zayidiliza zaqotha imbokodwe nesisekelo.

8Zanquma ukuba zisicindezele phansi, zashisa zonke izigcawu zikaSomandla
ezweni.

9Wo, izimpawu zethu esizaziyo asisaziboni, phakathi kwethu akusekho
mphrofethi nowaziyo ukuthi koze kube nini.

10Mvelinqangi, koze kube nini izitha zikuklolodela, abakuzondayo bekunukubeza
njalo na?

11Ugodlelani amandla esandla sakho, ingalo yesokunene sakho isibukele na?
Phakamisa ingalo yakho, ugadle ubachithe!

12Mvelinqangi, wena Ngonyama neNkosi yami kwasendulo, nguwe oletha usindiso
nomaphi emhlabeni.

13Nguwe owadabula ulwandle ngamandla akho. lwanqamukana lwahlukana
phakathi. Nguwe owachoboza amakhanda emikhomo olwandle.

14Nguwe owaphihliza amakhanda omningi uLeviyathani wamenza ukudla
kwabantu abakhe ehlane.

15Nguwe owavava amadwala kwaqhuma iziphethu. Nguwe owayomisayo yasha
imifula egelezayo.

16Ingeyakho imini, bungobakho nobusuku; nguwe owamisa izikhanyiso kanye
nelanga.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Nguwe owaklama imincele yonke yomhlaba. Nguwe owenza kwahlukana ihlobo nobusika.

18Simakade, khumbula ukuthi isitha sakuklolodela, nesizwe esiwulazekile sanukubeza igama lakho.

19Unganikeli ijubantondo lakho okhozini, ungabakhohlwa unomphela abahlushwayo bakho!

20Khumbula isivumelwano owasenza nathi, ngoba nakhu kugcwele ubudlova ezindaweni zonke ezimnyama ezweni.

21Ocindezelweyo makangahlehli ejabhile, ohlushwayo nompofu adumise igama lakho!

22Yima ngobumo Mvelinqangi, zikhulumele wena odabeni, ukhumbule ukuthi isiwulandini lesi lize lashona silokhu sikuklolodela.

23Ungakhohlwa ukuhlokoma kwabamelene nawe, ukuxokozela kwabakuvukelayo okudlange njalo.

AmaHubo 75

UNkulunkulu uthobisa isonakali aphakamise olungileyo

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Ungabhubhisi"; ihubo eliyiculo lika-Asafu.

1Siyakubonga Nkulunkulu, siyakubonga! Useduze, igama lakho lisematheni lapho kulandwa ngezimangaliso zakho.

2Wena uthi: "Nxa sesifikile isikhathi esimisiweyo mina ngiyokwahlulela ngobuqotho.

3Noma umhlaba uncibilika uphele nabahlezi kuwo beshabalala bonke, yimina engimisa izinsika zawo." *Kunekhefu*.

4Ngithi kwabaziqhayisayo: "Ningaziqhayisi! " Ngixwayise izikhohlakali ngithi kuzo: "Ningaziphakamisi kimi ningichwensele! "

5Ningawathwali amehlo nizikhukhumeze, ningakhulumi ukuchwensa njengonophondo.

6Ngokuba amukho onganiphakamisa empumalanga nasentshonalanga nasehlane,

7kodwa nguye uNkulunkulu umahluleli, uthela othulini lo, aphakamise lowaya.

8Esandleni sikaSimakade kunesigobongo esiphuphuma ingwebu yotshwala. Uyabuthunga, zibuminye nenzika imbala izonakali ngothi lwazo emhlabeni.

9Mina ngiyobabaza ngaye njalo, ngihubele uNkulunkulu kaJakobe.

10Ngiyonqinda izimpondo zonke zezonakali, kuphakanyiswe izimpondo zolungileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 76

Mvelinqangi uyiqhawe nomahluleli

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngezingubhu; ihubo eliyiculo lika-Asafu.

1Mvelinqangi waziwa kahle kwaJuda, unodumo olubabazeka kwaIsrayeli.

2INgonyama emphandu wayo useSalema, isikhungo ephumula kuso eZiyoni!

3Yafohloza lapho iminsalo ewunyazi, isihlangu nomkhonto nezikhali zempi. *Kunekhefu*.

4Mvelinqangi, ukhazimula ngokwesabekayo ebukhosini bakho lapho ubuya ezintabeni zempango.

5Amaqhawe azazisayo asephangwe aphela, afikelwa ubuthongo alala obokugcina, nezandla zeziqhwaga zonke ziyethile.

6Ubajakadile wena Nkulunkulu kaJakobe, kwalala izingibeli namahhashi unomphela.

7Awuthintwa wena, maye uyesabeka, ngubani ongema phambi kwakho amele ukuvutha kolaka lwakho?

8Wahlulele wamemezela usezulwini, umhlaba wathuthumela wathula,

9mhla uvuka Mvelinqangi ukuba wahlulele, usindise bonke abathobekileyo bomhlaba. *Kunekhefu*.

10Impela, ulaka lwabantu lukwakhela udumo, insalela yalo ibe yixhama olibhincayo.

11Thembisani nigomele nenze izifungo, nizifeze kuSimakade uNkulunkulu wenu! Izizwe zonke ezimhaqileyo nxazonke azethule izipho kuyena owesabekayo!

12Uyawugoba umoya wezikhulu, uyesabeka emakhosini omhlaba.

AmaHubo 77

Siyaduduzeka nxa sikhumbula imisebenzi emikhulu kaNkulunkulu

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela kaJeduthuni; elika-Asafu; ihubo.

1Ngiyokhala ngezwi elikhulu ngimnxuse uMvelinqangi ngizikhalele. Ngiyokhala ngezwi elikhulu ngimcele uMvelinqangi ukuba angizwe.

2Ngangimfuna uSimakade mhla ngisosizini, ngaphakamisa izandla ngakhuleka nasebusuku, izandla zami azizange ziyethe, inhliziyo yami yenqaba ukududuzeka.

3Ngikhumbula uNkulunkulu bese ngibubula, ngizindle bese kudangala umoya wami. *Kunekhefu*.

4Ungincisha ubuthongo ngiqwashe, ngiyobayobe ngibe yisimuku.

5Ngicabanga ngezinsuku zasemandulo, ngikhumbule iminyaka eyadlula kudala.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

6Ngikhumbula iculo lami lokumbonga, ngizindle enhliziyweni yami ebusuku, umoya ucabange ujule ubuze ukuthi:

7“Kanti iNkosi iyongilahla unomphela yini, ingabuye ibe nomusa ingihawukele na?

8Ngabe uthando lwayo olungaguqukiyo selwaphela yini lwashabalala umlibe, izwi lesethembiso sayo eyasenzayo selaphela yini ezizukulwaneni zonke na?

9USomandla usekhohlwe ukuba nomusa yini, wathukuthela wagodla ububele bakhe na? ” *Kunekhefu*.

10Bese ngithi: “Okwami okwezandla: esokunene soPhezukonke singiphendukele.”

11Ngokhumbula imisebenzi yakho Simakade, ngikhumbule izimanga zakho zasendulo,

12ngizindle ngakho konke okwenzileyo, ngijinge ngicabanga ngemisebenzi yakho.

13Mvelinqangi, ezindleleni zakho zonke ungcwele. Yimuphi uNkulunkulu uSomandla njengawe, ngubani ongangawe Mvelinqangi na?

14Nguwe uSomandla owenza izimangaliso, ubonakalisile amandla akho ezizweni.

15Ngengalo yakho wahlenga abantu bakho, abozalo lukaJakobe nolukaJosefa. *Kunekhefu*.

16Amanzi akubona ngamehlo Mvelinqangi, amanzi anele akwelamela athuthumela, nezintwa zolwandlekazi zazamazama.

17Amafu athela isibhidli semvula, izulu laduma lakleklebula emafwini, imicibisholo yakho yakiwebha emkhathini.

18Waklabalasa usesijwini sesiphepho, kwaphambana imibani, kwakhanya umhlaba wonke, wazamazama umhlaba wathuthumela.

19Indlela yakho yanqamula olwandle, umzila wakho wadabula ulwandlekazi, kodwa lwangabonakala uhlabo lwakho.

20Welusa abantu bakho njengezimvu, bahamba beholwa nguMose nanguAroni.

AmaHubo 78

UNkulunkulu wethembekile kubantu bakhe abamhlamukayo

Inkondlo enesifundo ka-Asafu.

1Zwanini imfundiso yami bantu bakithi, nibeke indlebe nilalele engikushoyo!

2Sengizokhuluma ngisebenzise imizekeliso, ngizwakalise ngezimfumbe zasemandulo.

3Izindaba esake sazizwa esizaziyo, ababesilandisa ngazo okhokho,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4kasinakuzigodla kubazukulu babo. Sobikela izuzukulwane ezizayo, sibafundise
izibongo zikaSimakade nezimangaliso azenzileyo uSomandla.

5Wasungula imfundiso kwabakaJakobe, wamisa umthetho esizweni
sakwaIsrayeli. Okhokho wayesebakhiphela umyalo wokuba lokhu bakufundise
abantababo,

6nce nesizukulwane esilandelayo sazi, nabazukulu babo abasayozalwa bakhule
babikele nabantababo.

7Wathi ababheke kuNkulunkulu ngethemba, bangayikhohlwa imisebenzi
kaSomandla, kepha bahlale bagcine imiyalo yakhe.

8Bangenzi njengoba babenza okhokho, isizukulwane senkani nokuhlubuka
esinhliziyo yaso yayingalungile, esimoya waso ungathembekanga kuSomandla.

9AbakwaEfrayimu babehlome ngeminsalo, babaleka kodwa mhla ibambene
ngezihluthu.

10Kabasigcinanga isivumelwano sikaNkulunkulu, kabavuma ukuhamba
ngomthetho wakhe.

11Bakhohlwa yimisebenzi ayenzileyo nezimangaliso zakhe ayebakhombise zona.

12Wabenzela izimangaliso okhokho babo kwesaseZowani ezweni laseGibhithe.

13Wahlukanisa ulwandle wabaweza kulo, washaya amanzi aba yizindonga.

14Emini wayebahola esesijwini sefu, ebusuku abakhanyisele ngomlilo.

15Waqhekeza amadwala ehlane, wabaphuzisa amanzi badela kwasengathi avela
ezinzulwini zozwa.

16Waqhumisa iziphethu edwaleni, wagelezisa amanzi kuhle kwemifula.

17Nokho baqhubeka benza ukona kuye, bamcunula oPhezukonke ehlane.

18Ezinhliziyweni zabo bamlinga uSomandla bembelesela ngokudla abakufisayo.

19Base bekhuluma kabi ngoNkulunkulu bathi: “USomandla lona angasilungisela
nje, asicole ngedili sidle ehlane na?

20Walishaya lona idwala kwaphuphuma amanzi, imifula yagcwala yagobhoza,
kodwa angasinika yini isinkwa kumbe aphe abantu bakhe inyama na? ”

21Wakuzwa lokho uSimakade wathukuthela, kwavutha umlilo wadla
abakwaJakobe, abakwaIsrayeli behlelwa ulaka lwakhe,

22kwazisukuthi kabakholwanga kuNkulunkulu, abakwethembanga ukusindisa
kwakhe.

23Wayeseyala isibhakabhaka phezulu, wavula imigoqo yamasango ezulu.

24Wabanisela imana ukuba badle, wabapha isinkwa sasezulwini.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

25Abantu phaqa badla isinkwa sezingilosi, wabathumela umphako owaneleyo.

26Wavunguzisa impumalanga emkhathini, labuyisa iningizimu ngamandla akhe.

27Wabehlisela inyama sengathi yimvula, izinyoni ezingangezihlabathi zolwandle.

28Wayiletha esikhumulweni sabo, yonke indawo eceleni kwamadlangala abo.

29Base bedla bashaya esibomvu, wabapha lokho ababekufisa.

30Babengakayiyeki inkwankwa yabo, besagwavuma, ukudla kusesemlonyeni,

31uNkulunkulu wayesebavukela ngolaka, washaya waqothula amashoshozela abo, wacekela phansi izinsizwa zakwaIsrayeli.

32Phezu kwakho konke lokhu babeyilokhu bephikelela ukona, babengakholwa yizimangaliso zakhe.

33Wadlulisa izinsuku zokuphila kwabo, zaba njengomoya oshweza udlule, baqedwa uvalo bafa isidumo.

34Bekuthi nxa ebabulala bamfunisise, baphenduke bese bebuyela kuSomandla.

35Bakhumbula ukuthi uNkulunkulu uyidwala labo, uSomandla oPhezukonke ungumhlengi wabo.

36Kodwa basimze bakhulume ngomlomo nje bejinge bemkhohlisa ngolimi lwabo,

37ngoba babenganamathele kuye ngezinhliziyo, abaligcinanga izwi lesivumelwano sakhe.

38Kodwa yena unesihe uthethelela ububi, akasale eseqedela abulale. Kukaningi ezibamba engathukutheli, ulaka lwakhe aluthibe lungavuthi.

39Wakhumbula ukuthi bangabasemhlabeni nje, banjengomoya oshweza ungabe usabuya.

40Angithi kukaningi bemphendukela ehlane bejinge bemdabukisa kwahlongasibi na?

41Bamvivinya kaninginingi uSomandla, bayephula umoya iNgcwele kaIsrayeli.

42Sebezikhohliwe iziga zamandla akhe mhla ebahlenga esitheni esibazondayo,

43eveza izibonakaliso kwelaseGibhithe, egila izimanga kwesaseZowani.

44Mhla eguqula imifula iba yigazi ayabe isaphuzeka imithombo yamaGibhithe.

45Wathuma isishomo sezibawu sawatinyela, nezingxangxa zaba yimbubhiso eqothulayo.

46Ikhaba lawo walingenela ngemiswenya, isikhonyane sadla isithukuthuku sawo.

47Wavithiza imivini yawo ngesichotho, kwashazwa nemikhiwane yawo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

48Waqhobozela impahla yawo ngesangquma, imihlambi yawo wayishaya ngomphezulu.

49Wawavukela ngolaka lwakhe oluvuthayo: ngentukuthelo nokufutheka nohlupho, wawalethela amashwa alandelana aba yizithunywa zakhe eziqothulayo.

50Wadedela ulaka lwakhe, akalubamba, akaphephisa ukuphila kwawo ekubhubheni. Waqeda impilo yawo ngobhubhane,

51wabulala amazibulo onke eGibhithe, waceka amakhosana emizini kaHamu.

52Kepha abantu bakhe wabakhipha njengezimvu, wabelusa ehlane njengomhlambi.

53Wabahola belondekile abaze besaba, kepha ulwandle lwaminzisa izitha zabo.

54Wabayisa ezweni lakhe elingcwele, kwelezintaba alizuza ngesokunene sakhe.

55Waxosha izizwe abazifica zakhile, izwe lazo laba yisabelo sefa labo, walabela imindeni yabakwaIsrayeli ukuba yakhe ihlale emadlangaleni azo.

56Nokho bamqala uNkulunkulu oPhezukonke, babenenkani, bangawugcina umyalo wakhe.

57Bahlubuka njengokhokho babo, kabethembekanga, baqwenguka njengomgoga okhwibishile.

58Bamthukuthelisa ngezindawo zabo zamalathi lapho babekhonza khona izithixo zabo, bamcunula ngemiphuhle yabo ebaziweyo.

59UNkulunkulu wakuzwa lokhu wavutha ulaka, wabenyanya kakhulu abakwaIsrayeli.

60Wadikila indlu yakhe engcwele yaseShilo, idokodo lakhe ayelimise phakathi kwabantu.

61Wadedela izitha zathumba umphongolo obonakalisa amandla nenkazimulo yakhe.

62Wanikela abantu bakhe bagwazwa, wabathukuthelela abantu befa lakhe.

63Izinsizwa zabo zaqothulwa ngumlilo, izintombi zangagcagca ngezinkondlo.

64Abaphristi babo bacekwa ngomkhonto, abafelokazi babo kabaze babalilela.

65INkosi uSomandla yayisivuka njengophaphama esithongweni, wabhavumula njengeqhawe lempi lidlala lenanyiswe yiwayini.

66Yehlula izitha zayo zahlehla, yazithela ngehlazo elingapheliyo.

67Yafulathela abakwaJosefa yabalahla, ayiwukhethanga umndeni wakwaEfrayimu.

68Kepha yaqoka umndeni wakwaJuda, nentaba iZiyoni eyabe iyithanda kakhulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

69Yakha ithempeli layo elingcwele laphakama njengezulu kweliphezulu, laba njengomhlaba awumisa phakade.

70Yakhetha uDavide inceku yayo, yamlanda lapho alusa khona izimvu,

71lapho alusa khona izimvukazi ezincelisayo, ukuba aluse abakwaJakobe abantu bayo nabakwaIsrayeli isabelo sefa layo.

72Wayesebelusa ngenhliziyo eqotho, wabahola ngesandla esinekhono.

AmaHubo 79

Kukhalwa isililo seJerusalema elibhidliziweyo

Ihubo lika-Asafu.

1Nkulunkulu, abezizwe bathelekele ifa lakho, banukubeza ithempeli lakho elingcwele, baphendula iJerusalema imibhidlika.

2Base benikela izidumbu zezinceku zakho zaba yingcuba zadliwa amanqe, abangcwele bakho basobozelwa yizilo.

3Bachitha igazi labantu bakho lagobhoza njengamanzi nxazonke eJerusalema, badindiliza bangangcwatshwa muntu.

4Sesiphenduke inhlekisa komakhelwane, bayasibhinqa basiklolodela nxazonke.

5Koze kube nini Simakade usalokhu ufutheka ngolaka na? Koze kube nini ulaka lwesikhwele sakho luvutha njengekloba lomlilo na?

6Yehlisela intukuthelo yolaka lwakho phezu kwabezizwe abangafuni ukukwazi nemibuso engalibiziyo igama lakho!

7Sebeqothe imbokodo nesisekelo kwaJakobe, umuzi wakhe bawubhuqa waba yihlane.

8Ungasibambeli lutho ngobubi bokhokho, kodwa phuthuma usihlangabeze ngesihe sakho, ngoba thina sithotshisiwe sisosizini.

9Wo Nkulunkulu, msindisi wethu! Sisize ngenxa yodumo lwegama lakho, sikhulule usithethelele izono zethu ukuze kubongwe igama lakho lidunyiswe.

10Abezizwe sebengaze basibhinqe pho bathi: “Useshonephi loNkulunkulu wabo manje? ” Asikubone ukuphindisa kwakho kubo, ufune kubo igazi lezinceku zakho, igazi lezinceku zakho elichithiweyo.

11Ukububula kweziboshwa makufinyelele kuwe, ingalo yakho yamandla amakhulu ayophule labo abanqunyelwe ukufa!

12Simakade, phindisa kasikhombisa komakhelwane bethu ngenhlamba leyo abakuhlambalaza ngayo, bahlalele ovalweni lwempindiso yakho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Nkosi, thina sizwe siyizimvu zedlelo lakho, sesiyokudumisa njalo
ungunaphakade; ebese siyimemezela indumiso yakho, sishumayele ngayo
ezizukulwaneni zonke.

AmaHubo 80

Elokucela ukuba abakwaIsrayeli badle ngoludala

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Iminduze", ihubo lika-Asafu elingubufakazi.

1Beka indlebe malusi kaIsrayeli, wena ohola uJosefa njengomhlambi wezimvu!
Wena ohlezi esihlalweni sobukhosi esisingethwe yizingilosi amasherabhu,
qhamuka uqhakaze ngenkazimulo,

2wena mholi kaEfrayimu noBhenjamini noManase! Vuka ngamandla akho
amakhulu, bese uza neno usisindise.

3Nkulunkulu buyisa elakithi usibuke ngobuso bakho obunomusa, yikhona
siyophepha sisindile.

4Simakade Nkulunkulu, Nkosi yamaviyo. koze kube nini ubathukuthelele abantu
bakho abakhuleka kuwe na?

5Saze sadla ukudla kwethu sikhala, wasiphuzisa imithayi yezinyembezi.

6Usenze sayinto yokubangwa ngomakhelwane, izitha zazikholisa zihlekisa ngathi.

7Nkulunkulu, Nkosi yamaviyo buyisa elakithi usibuke ngobuso bakho obunomusa,
yikhona siyophepha sisindile.

8Wasiphula umvini wawukhipha eGibhithe, waxosha izizwe wawutshala ezweni
lazo,

9wawucabela indawo lapho ungamila khona. Izimpande zawo zashona phansi
zagxila, waba yisihlekehleke, wagcwalisa izwe lonke.

10Wamboza izintaba ngomthunzi wawo nemikhoba kaSomandla ngamagatsha
awo.

11Amagatsha awo afinyelela elwandle, ashaye emfuleni omkhulu iYufrathe.

12Pho wena usuludilizeleni uthango oluwubiyeleyo, abedlula ngendlela baze
bawunqampune na?

13Izingulube zehlathi ziwushaya ziwubhuqe, izilwane zasendle ziwudla
ziwuqothule.

14Nkulunkulu Nkosi yamaviyo, phenduka ubheke usezulwini lakho, ubone lomvini
wakho uwucabangele,

15ihlumela owalitshala ngesokunene sakho, lesisithombo ozikhulisele sona
saqina!

16Bawunqumile bawushisa ngomlilo, bayobhubha lapho ubanyonkoloza.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Vikela uIsrayeli ngamandla akho, ulondoloze isizwe sakho osikhethileyo,
lomuntu ozikhulisele yena waqina!

18Yikhona singayikuphinde sikuhlamuke; silondoloze sihlale njalo siphilile,
yikhona siyolibiza igama lakho.

19Simakade Nkulunkulu, Nkosi yamaviyo buyisa elakithi, usibuke ngobuso bakho
obunomusa, yikhona siyophepha sisindile.

AmaHubo 81

UNkulunkulu unomusa noma uIsrayeli ezenzela umathanda

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngogubhu lwaseGathi; elika-Asafa.

1Hlokomani ngenjabulo nimbonge uNkulunkulu ongamandla ethu, nimhubele
uNkulunkulu kaJakobe!

2Hlabani ihubo, nishaye izigubhu nezinqwabe nemiqangala ekhala kamnandi!

3Shayani uphondo ekuthwaseni kwenyanga nalapho isidilingene mhla womkhosi
wethu!

4Ngoba lokhu kuyisimiso kwaIsrayeli, isinqumo sikaNkulunkulu kaJakobe.

5Wakwenza kwaba ubufakazi kwabakaJosefa mhla ephuma impi elwa
namaGibhithe. Ngamuzwa ekhuluma esho into engejwayelekile kimi ethi:

6"Nganethula umthwalo emahlombe, nganiphumuza ekuthwaleni izitini
ngamaqoma.

7Nangibiza nisebunzimeni nganikhipha, nganizwa ngisemafwini ayemnyama
ehlomile, nganivivinya esiphethwini saseMeribha. *Kunekhefu*.

8"Bantu bami, lalelani lapho nginiyala nginivusa! MaIsrayeli, sengathi ningakuzwa
engikushoyo kini!

9Ningabi nankulunkulu mumbe enimkhonzayo, ningakhuleki nasesithixweni
sabezizwe!

10Yimi uSimakade uNkulunkulu wenu, nganihlenga, nganikhipha
kwelaseGibhithe. Khamisani, nginifunze nisuthe!

11Kepha abantu bami abangilalelanga, uIsrayeli akabanga nandaba nami.

12Ngakhoke ngabayekela enkanini yezinhliziyo zabo ukuba bahambe benze
umathanda.

13Sengathi abantu bami bebengangilalela, uIsrayeli alandele iziyalo zami!

14Izitha zabo bengizozinqoba ngokushesha, ingalo yami imelane nabaphambene
nabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

15Abangizondayo bebezosobela phambi kwami, ukujeziswa kwabo kuhlale ungunaphakade.

16Bengiyonondla ngokolweni wekhethelo, nginenelise ngezinyosi zengoxi yedwala.”

AmaHubo 82

Elokusola abahluleli ababi

Ihubo lika-Asafu.

1UMvelinqangi uSomandla uhlezi esigcawini, wengamele umgwamanda awumisayo, uthetha icala nalabo abangabahluleli

2Uthi kubo: “Koze kube nini nahlulela ngokungeyikho, nivuna abantu abayizikhohlakali na? *Kunekhefu*.

3“Melani amalungelo ezimpofana nezintandane, nilwele abacindezelweyo nabantulayo!

4Khululani abampofu nababuswezi, nibakhiphe ezandleni zezonakali!

5Kanazi lutho nina, kaninakuqonda. Nihamba nidukuza ebumnyameni, izisekelo zobuntu zibhidlikile emhlabeni.

6Ngathi kini: ‘Ningabahluleli njengami , nina nonke ningamadodana oPhezukonke.’

7Noma kunjalo niyokufa njengabantu bonke, nibhubhe njengazo zonke izikhulu.”

8Yima ngobumo wehlulele umhlaba Mvelinqangi, ngoba izizwe zingezakho ngothi lwazo!

AmaHubo 83

Elokucela ukuba kubhujiswe izitha zikaIsrayeli

Ingoma eyihubo lika-Asafu.

1Nkulunkulu mus' ukuthula ungathi vu, mus' ukuthula uzibe Somandla!

2Nazi izitha zakho zixokozela, nabakuzondayo bavusa umhlwenga!

3Babakhela uzungu abantu bakho, babakhela ugobe abayigugu lakho.

4Bathi: “Wozani sisibhubhise lesisizwe, igama likaIsrayeli licinywe, lingabe lisaphushwa nakuphushwa! ”

5Nampo-ke bavumelene ngazwi linye, bavumelene ukuba bahlanganyele wena.

6Kukhandene abasemadlangaleni akwaEdomu nakwaIshmayela nakwaMowabhu nakwaHagari

7nakwaGebhali nakwa-Amoni nakwa-Amaleki namaFiliste nalabo abakhe eThire;

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8abaseAsiriya bahlangene kanye nalabo nce belekelele abozalo lukaLothi. *Kunekhefu*.

9Ake ubenze lokhu owakwenza abakwaMidiyane noSisera noJabhini ngasemfuleni oKhishoni,

10labo ababhubha ngasemzini wasEndori badindiliza baphenduka amalongwe.

11Dlana izikhulu zabo kungabi ndaba zalutho njengoba bake badliwa o-Orebhu noZebe, udle nababusi babo bonke kungabi ndaba zalutho njengoba bake badliwa oZebha noZalimuna,

12udle abathi: “Asilidle libe yifa lethu, lelizwe lezimfunda zikaNkulunkulu! ”

13Nkulunkulu wami, baphephethe bakhwishize njengomungu, njengezibi zibhengulwa yisishingishane!

14Njengalokhu umlilo ushisa amahlathi nanjengalokhu amakloba ehangula amaqele,

15badungule kanjalo ngesivunguvungu sakho, ubethuse ngesiphepho sakho bayangazele!

16Simakade, ubuso babo ake ubujabhise, yikhona bezophendukela kuwe!

17Mabahlazeke bakhungatheke phakade, futhi badumazeke bese bebhubha,

18kwaziwe ukuthi nguwe wedwa kuphela uSimakade igama lakho, uSimayedwa ophakeme obusa umhlaba wonke.

AmaHubo 84

Elokulangazelela indlu kaSimakade

Elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngogubhu lwaseGathi; elabozalo lukaKhora; ihubo.

1Simakade Nkosi yamaviyo, yaze yathandeka indlu ohlala kuyo!

2Umphefumulo wami uyalangazela uzondelela amagceke kaSimakade, umzimba wami nomoya wami wethabela uSomandla ophilayo.

3Umzwilili uzitholele indawo yesidleke nenkonjane indawo yokwakhela indlu, lapho iyochamusela khona amaphuphu ayo. Lendawo ingasemalathini endlu yakho wena Simakade Nkosi yamaviyo, Bayede Nkosi, Nkulunkulu wami!

4Babusisiwe abahlala endlini yakho bayohlalela ukukudumisa unaphakade. *Kunekhefu*.

5Bayadela, babusisekile labo abasiyalu samandla abo sikuwe, abalangazelela ngenhliziyo uhambo lokwenyuka baye emkhosini eZiyoni.

6La sebenqamula isigodi sakwahlongamvula siba yimfunda eqhuma iziphethu, simbozwe yizibusiso zembozisamahlanga, imbozisamahlanga ehlumisa amahlungu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

7Baya ngokuya bethola amandla baze bafike eNkosini komkhulu eZiyoni.

8Simakade Nkulunkulu Nkosi yamaviyo, ngizwe lapho ngikhuleka kuwe, ubeke indlebe Nkulunkulu kaJakobe! *Kunekhefu*.

9Nkulunkulu, hlenga oyisihlangu sethu, bheka ubuso benkosi oyigcobileyo!

10Usuku olulodwa emagcekeni akho lumnandi lwedlula ezinye eziyinkulungwane. Ngixolela ukuba ngibe ngumlindisango ethempelini likaNkulunkulu wami kunokutamasa emizini yezonakali.

11Ngokubanini uNkulunkulu uSimakade uyilanga lethu nesihlangu sokusivikela, uSimakade usipha umusa asenzele igama, kagodli lutho oluhle kwabahamba ngobuqotho.

12Simakade Nkosi yamaviyo, ubusisekile umuntu owethembela kuwe.

AmaHubo 85

Elokucelela uIsrayeli umusa kuNkulunkulu

Elethulwe kumculisi; elabozalo lukaKhora; ihubo.

1Simakade, wake walenzela umusa izwe lakho. wabuyisela izinhlahla kwabakwaJakobe, waphinda wabadlisa ngoludala.

2Wathethelela amacala abantu bakho, wagubuzela ukona kwabo konkana. *Kunekhefu*

3Yapheza nya intukuthelo yakho, wabhodla olakeni lwakho oluvuthayo.

4Nkulunkulu msindisi wethu, alibuye bese sidla ngoludala, kuphele nya ukusithukuthelela kwakho!

5Uyosicunukela ungunaphakade yini, usithukuthelele ezizukulwaneni zonke na?

6Kanti awuzukusivuselela futhi, abantu bakho bathokoze ngawe na?

7Sitshengise ukuthi unesihe sothando, bese ubuya usisindisa Simakade!

8Ngiyokuzwa azokusho uSomandla uSimakade; usethembisa inhlalakahle nokuthula thina bantu bakhe nabangcwele bakhe, kuphela nje asingabuyeli ebuwuleni.

9Uhlala elindele ukubasindisa lababantu abasuke bemesaba, kuvame udumo lwakhe kwelakithi.

10Uthando nokwethembeka kuyohlangana kubumbane, ukulunga nokuthula kube ngamathe nolimi.

11Ukwethembeka kuyoqhuma phansi emhlabeni, nokulunga kuyobukela kusezulwini.

12USimakade uyosigidlabeza ngokuhle, izwe lakithi livame inala.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13ukulunga kuyomandulela uSimakade, kumhlahlele indlela ayohamba ngayo.

AmaHubo 86

Elokucela ukuba uNkulunkulu abe nesihe

Umkhuleko kaDavide.

1Simakade, beka indlebe ungizwe ungiphendule, ngoba ngingumfokazana ontulayo.

2Londa ukuphila kwami, mina engiqotho; nguwe uNkulunkulu wami, sindisa inceku yakho ethembela kuwe!

3Ngihawukele Nkosi ube nomusa, ngokubanini ngilokhu ngikhala kuwe.

4Nkosi yami, thokozisa inhliziyo yenceku yakho, inhliziyo yami ngiyibhekise kuwe.

5Nkosi yami, wena unomusa ushesha uthethelele; sikhulu isihe sothando lwakho lwafuthi othanda ngalo bonke abakhala kuwe.

6Simakade, beka indlebe ulalele umkhuleko wami, ungizwe lapho ngikhala ngicela umusa!

7Nxashana ngisosizini ngiyakhala kuwe, ngokubanini uyongizwa ungiphendule.

8Akukho nkulunkulu ofana nawe Nkosi, akakho ongenza imisebenzi enjengeyakho.

9Izizwe zonke ezadalwa nguwe ziyokuza zikhothame phambi kwakho Nkosi yami, zihlokome udumo lwegama lakho.

10Umkhulu wena wenza izimangaliso, nguwe uMvelinqangi isimayedwa.

11Simakade, ngifundise indlela ethandeka kuwe nce ngihambe nawe ngokwethembeka, ungenze ngizimisele ngento eyodwa: ukuba ngilesabe igama lakho!

12Ngiyokubonga Nkosi Nkulunkulu wami, ngikudumise ngenhliziyo yami yonke, ngibabaze igama lakho ungunaphakade.

13Sikhulu isihe sothando lwakho lwafuthi ongithanda ngalo wena ongophulayo, ungikhipha ekujuleni kwelabafileyo.

14Mvelinqangi, izedeleli zingivukele zangihlasela, ibutho lezidlova elikwedelelayo wena lihlose ukungisusa.

15Kepha wena Nkosi yami unguSomandla, uNkulunkulu onesihawu nonomusa, wephuza kakhulu ukuthukuthela, uvame uthando nokwethembeka.

16Phendukela kimi ube nesihe uyiqinise inceku yakho Somandla, usindise indodana yencekukazi yakho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Nkosi ngenzele isihle sibe uphawu! Abangizondayo mabafojiswe nxa bebona ukuthi kanti uyangisiza uyangiduduza.

AmaHubo 87

Amalungelo okuba ngowaseZiyoni

Elabozalo lukaKhora; ihubo eliyiculo.

1USimakade uthanda umuzi wakhe awusekela ezintabeni ezingcwele,

2amasango aseZiyoni uwathanda ngaphezu kwamanxuluma onke akwaJakobe.

3Uyabatshazwa wena muzi kaNkulunkulu, kumnandi impela akushoyo ngawe. *Kunekhefu*.

4Uthi: "Ngiphawula iGibhithe neBhabhiloni kwabangikhonzayo njengoba mina bengazi. AmaFiliste nabaseThire nabaseThophiya bangabantwana abazalelwe lapho, bonke bayiminsinsi yokuzimilela."

5Kuyoshiwo ngeZiyoni kuthiwe: "Nakhu lapho bazalelwa khona bonke." OPhezukonke uqobo walakha laqina.

6USimakade uyobhalisa amagama ezizwe athi: "Nalesi singumnsinsi wokuzimilela."

7Bayosina bahlabelele bathi: "Iziphethu zami ziqhuma kuwe zonke."

AmaHubo 88

Elokucela ukusindiswa ekufeni

Iculo eliyihubo labozalo lukaKhora; elethulwe kumculisi ukuba lihlatshelelwe ngendlela ethi "Isifo esihluphayo". Inkondlo enesifundo kaHemani umfokaZera.

1Simakade Nkulunkulu msindisi wami, ngikhala kuwe imini nobusuku.

2Umkhuleko wami mawufinyelele kuwe, ubeke indlebe uzwe ukukhala kwami!

3Umphefumulo wami wesuthi izinhlupheko, impilo yami isondela egodini,

4sengibalwe kanye nabasiwa kwagoqanyawo, ngaba njengendoda ephelelwe amandla.

5Ngiyinhlwa phakathi kwabafileyo, nginjengababuleweyo abalele emathuneni, laba abangasaphushwa nakuphushwa, ubagodlele isandla sakho esisizayo.

6Ungilalisile ekujuleni kwelabafileyo ebumnyameni obuthe bhuqe ezinzolombeleni.

7Isankahlu solaka lwakho siphezu kwami, ungisibekele ngamagagasi olaka lwakho. *Kunekhefu*.

8Wabaqhelisa kimi engazana nabo, mina wangenza ngenyanyeka kubo, sengivalelwe ngci, angikwazi ukuphuma;

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9izinhlupheko zingiqunde amehlo. Ngikhala kuwe Simakade mihla yonke,
ngelulela kuwe izandla zami.

10Abafileyo uyabenzela yini izimangaliso, amathongo angavuka yini akudumise
na? *Kunekhefu*.

11Kuyashunyayelwa kambe yini emalibeni ngesihe sothando lwakho lwafuthi,
nakwelabafileyo ngokwethembeka kwakho na?

12Izimangaliso zakho ziyaziwa yini ebumnyameni nokulunga kwakho
kwelabangasekho na?

13Kepha mina ngiyakhala kuwe Nkosi ngicela usizo, umkhuleko wami wenyukela
kuwe ekuseni.

14Simakade, kodwa yini ungilahle kanjena na? Yini usitheze ubuso bakho ngakimi
na?

15Ngilokhu ngahlupheka kakhulu ngilengela egodini kwasebusheni, wangishaya
ngashaywa uvalo, ngadideka.

16Ukuvutha kolaka lwakho kwehlele kimi, ungibulala ngovalo ngiphele nya.

17Lungizungeza njalo okomsinga womfula, lungihlanganisela phakathi gimbici.

18Esingamathe nolimi nabo ubaqhelise kimi, ngubumnyama kuphela
osebungumngane wami.

AmaHubo 89

Isivumelwano sikaNkulunkulu noDavide

Inkondlo enesifundo kaEthani umfokaZera.

1Simakade ngiyohlabelela njalonjalo, ngihashe isihe sothando lwakho, izindebe
zami zibabaze ukwethembeka kwakho, kwaziwe ezizukulwaneni ngezizukulwane.

2Impela, uthando lwakho lwaphakade aluguquki, ezulwini wamisa ukwethembeka
kwakho.

3Wathi wena: “Ngenze isivumelwano nokhethiweyo wami, ngafunga kuDavide
inceku yami ngathi:

4‘Ngiyobeka uzalo lwakho ungunaphakade, kuyofa abantu kusale umbuso wakho,
uphathe isihlalo sobukhosi nanininini.’ ” *Kunekhefu*.

5Simakade, izimangaliso zakho nokwethembeka kwakho kudunyiswa uquqaba
olungcwele ezulwini.

6Ngubani osemkhathini wezulu ongase alinganiswe nawe Nkosi na? Yisiphi
ezidalweni zasezulwini esingase sifaniswe nawe Nkosi na?

7UNkulunkulu uSomandla uyesabeka emkhandlwini wezingilosi ezingcwele,
uhlonishwa yibo bonke abamhaqileyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[8]Simakade Mvelinqangi Nkosi yamaviyo ngubani ongangawe Somandla Simakade? Ukwethembeka kwakho kuyisembatho osigqokayo.

[9]Nguwe obusa ulwandle olugubhayo, nxa kuqubuka amaza alo uyaluthulisa.

[10]Nguwe owacoboshisa elaseGibhithe, lalokhu lidindilizile njengesidumbu; izitha wazidungula ngomkhono onamandla.

[11]Lingelakho izulu, ngowakho nomhlaba, amazwe onke nokukuwo kwasungulwa nguwe.

[12]Wadala inyakatho neningizimu, intaba iThabho nentaba iHermoni zihayela igama lakho ngenjabulo.

[13]Usho ngesidlakela somkhono wakho, isandla sakho sinamandla amakhulu, esokunene sakho sidle ngamandla.

[14]Ukulunga nobuqotho kuyizisekelo owakhele kuzo isihlalo sakho sobukhosi, isihe sothando lwakho lwafuthi nokwethembeka kwakho kuyakwandulela.

[15]Nkosi siyadela isizwe esiyaziyo injabulo yokuhlokomela wena, esihamba ekukhanyeni kobubele bakho usibuka ngobuso bakho obunomusa.

[16]Ngenxa yakho sihlala sethabile, siphakanyiswe ngenxa yokulunga kwakho.

[17]Nguwe udumo lwamandla aso, ngomusa wakho kuphakanyiswa uphondo lwethu.

[18]Simakade wamkhetha oyisihlangu sethu, ingonyama yabekwa yiNgcwele kaIsrayeli.

[19]Endulo wazibonakalisa ngombono, wakhuluma kwabangcwele bakho wathi: “Ngimnike usizo ngambeka oyiqhawe, ngamphakamisa engimkhethe esizweni.

[20]Ngazitholela inceku yami uDavide, ngayigcoba ngamafutha ami angcwele.

[21]Ngoyelekelela ngamandla esandla sami, ngiyiqinise ngamandla engalo yami.

[22]Isitha asinakuyizuma ingazelele, nesonakali ngeke sayehlula.

[23]Ngiyoqothula phambi kwayo abamelene nayo, ngibacekele phansi bonke abayizondayo.

[24]Ngoyithanda ngethembeke kuyo njalo, iyonqoba njalo ngegama lami.

[25]Ngokwenza isandla sayo sibuse kusukela ngasolwandle lwaseMedithera, kubuse amandla esokunene sayo kuze kufinyelele emfuleni iYufrathe.

[26]Yona iyothi kimi: ‘Wena unguBaba, uNkulunkulu wami wena Somandla, idwala lami elingisindisayo.’

[27]Mina ngiyoyenza izibulo lami iphakame phezu kwamakhosi omhlaba.

[28]Ngoyithanda njalo ngothando lwafuthi, nesivumelwano sami nayo siyogxila.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

29Abazukulu bayo bohlala unaphakade, ngenze umbuso wayo ume njalo inqobo kusekhona isibhakabhaka phezulu.

30Nxa abazukulu bayo belahla imfundiso bengahambi ngendlela yezinqumo zami,

31nxashana bedelela izimiso zami bengayigcini neze imiyalo yami

32ngiyojezisa izono zabo ngentonga, bashaywe imivimbo ngobubi.

33Kepha uthando lwami olungaguqukiyo angisoze ngayigodlela lona, ngeke ngibe ngongathembekile kuyo.

34Ngeke ngisiphike isivumelwano sami ngigwiqike emazwini engiwashiloyo.

35Ngalikhipha kwakanye, ngafunga ngagomela ngobungcwele bami, ngathi angisoze ngamkhohlisa uDavide.

36Abazukulu bakhe bohlala unaphakade, umbuso wakhe ube ulokhu waba khona phambi kwami njengenhlamvu yelanga,

37ube njengenyanga emi unaphakade. Ufakazi osemkhathini wethembekile." *Kunekhefu*.

38Kepha wena uyilahlile inkosi oyigcobileyo, wayifulathela wayivuthela ngolaka.

39Wadikila isivumelwano sakho nenceku yakho, wahlazisa isicoco sayo ngodaka.

40Wadiliza izingange zayo zonke, nezinqaba zayo zasala ziwumbhidlika.

41Abadlula ngendlela bayebela okwayo, kwabakhelene nayo yaphenduka inhlekisa.

42Abamelene nayo wabenza bayinqoba, izitha zayo ngothi lwazo zathokoza.

43Nomkhonto wayo awudlanga enyameni, wayenza yehlulwa nasempini.

44Uyephucile intonga yobukhosi, wayiketula esihlalweni sayo sobukhosi.

45Wafinyeza izinsuku zokuphila kwayo, wayihlaza yehlelwa ngamahloni. *Kunekhefu*.

46Simakade, koze kube nini uzifihla unomphela ngingakuboni na? Koze kube nini ulaka lwakho luvutha njengekloba lomlilo na?

47Khumbula ukuthi impilo yami imfisha nokuthi wadala bonke abasemhlabeni baba njengomoya oshwezayo udlule.

48Ngubani othi uyophila angafi, eqele umphefumulo wakhe egodini na? *Kunekhefu*.

49Nkosi yami, ziphi izenzo zesihawu sakudala owazethembisa uDavide ngesifungo na?

50Nkosi yami, khumbula ukuhlazeka kwezinceku zakho nokubekezelela kwami ukunukubeza kwezizwe eziningi kangaka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

51Simakade izitha zakho ziyabhinqa, inkosi oyigcobileyo ziyayilandela, ziyayibhinqa zibholokoqa inhlamba.

52Akubongwe uSimakade nanininini! Elethu! Ameni!

AmaHubo 90

Isigaba sesine

UNkulunkulu ungophakade, umuntu uyedlula

Umkhuleko kaMose umphrofethi kaNkulunkulu.

1Nkosi, yilokhu waba yikhaya lethu esihlala kulo izizukulwane zidedelana.

2Kusukela izintaba zingakabi khona, ungakadali mhlaba nezwe lonke, unguMvelinqangi uSomandla, uSimakade ongenasiqalo nasiphetho.

3Uguqula umuntu umenze uthuli, uthi: “Bantwana babantu buyelani othulini enabunjwa ngalo! ”

4Kuwe inkulungwane yeminyaka ingangosuku lwayizolo olwedlule, imfushane ngangomlindo wasebusuku.

5Uyabakhukhula njengesihlambi samanzi, baphele njengobuthongo ekuvukeni, banjengotshani obuhlumayo ekuseni.

6Buyahluma bukhephuzele ekuseni, ntambama buyanqunywa bubune.

7Intukuthelo yakho iyasiqeda, ulaka lwakho lusisusa ngokushesha.

8Izono zethu uziklelise phambi kwakho, nezifihlakeleyo kazisithakele kuwe.

9Izinsuku zonke zokuphila kwethu ziyedlula ngenxa yentukuthelo yakho, siqeda iminyaka yethu ngokushesha njengehlebezi nje elithatha umzuzwana.

10Isibalo seminyaka yokuphila kwethu singamashumi ayisikhombisa kuphela, sibe ngamashumi ayisishiyagalombili uma thina sinensimbi elukhuni. Leyominyaka esithi ingcono kuneminye isiphathele ukuhlupheka nosizi nje. Ukuphila kwethu kwedlula ngokushesha bese sindiza simuke isiphelo.

11Ngubani owazi amandla olaka lwakho nongaqonda ngentukuthelo yakho ukuze akwesabe njengokufaneleyo na?

12Sifundise ukuba sazi ukuthi izinsuku zokuphila kwethu zimbalwa, sibe nengqondo ekhaliphileyo.

13Wo Simakade buyela kithi! Uyolibala kuze kube nini na? Sal' usuhawukela izinceku zakho.

14Sidelise ngothando lwakho ekuseni ukuba sikuhlokomele ngenjabulo sethabe izinsuku zethu zonke.

15Sihlelele izinsuku zokuthokoza ezingangezinsuku owasihlupha ngazo, ngangeminyaka sificezelwe usizi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Bonisa izinceku zakho imisebenzi yakho, abazukulu bazo babone ubukhosi bakho.

17Nkosi Nkulunkulu wethu, izibusiso zakho azehlele phezu kwethu, usichumisele umsebenzi wezandla zethu, yebo, uchumise umsebenzi wezandla zethu!

AmaHubo 91

Ukukhosela phansi komthunzi kaSomandla

1Lowo okhosela egumeni loPhezukonke ehlala njalo evikelwe uSomandla

2usengase akhulume kuSimakade athi: “Wena uyisiphephelo sami nenqaba yami, uNkulunkulu wami engethembela kuye.”

3Nguye uSimakade ozokophula ogibeni lwabacuphi, akuvikele obhubhaneni oluqothulayo.

4Uzokufukamela ngezimpaphe zakhe, akukhoselise ngaphansi kwamaphiko akhe. Ukwethembeka kwakhe kuyisihlangu sokukuvikela.

5Ungabi naluvalo ngesidumo sasebusuku namcibisholo oza ushweza emini saka

6nobhubhane olumemetheka ebumnyameni nomashayabhuqe obhubhisa eminibebade.

7Noma kudindiliza inkulungwane ecakwakho, izigidi zibe yizigingqi kwesokunene sakho, kepha wena uyosala ungenamyocu.

8Uyosimze ubuke nje ngamehlo weneliswe lapho ubona izikhohlakali zijeziswa.

9Ngoba wamenza uSimakade isiphephelo sakho, oPhezukonke wayikhaya lakho lokuphephela.

10Akukho lishwa lakwehlela, inhlupheko ayiyukusondela emzini wakho.

11UNkulunkulu uyothuma izingilosi zakhe, zikulonde ekuhambeni kwakho konke.

12Ziyokusingatha zikuthwale ngezandla hleze unyawo lwakho luqhuzuke etsheni.

13Uyonyathela izimbube nezinyoka, ugxobe izimamba namabhongo ezingonyama.

14UNkulunkulu uthi: “Ngiyomphephisa ngoba ubambelela kimi, ngimkhweze endaweni ephakemeyo ngokuba uyalazi igama lami.

15Uyongibiza bese ngimphendula, ngiyoba naye lapho esosizini, ngimkhulule ngimenze abe nedumela,

16ahlale aze adle izinyoni zabazukulu, awabone amandla ami okusindisa.”

AmaHubo 92

Elokudumisa uSimakade ngezicolo zakhe

Ihubo eliyiculo elihlatshelelwa ngosuku lwesabatha.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Kuyinto enhle ukubonga uSimakade, ngikuhubele izibongo wena oPhezulu,

[2]ngimemezele uthando lwakho ekuseni nasebusuku ukwethembeka kwakho,

[3]ngidlale ugubhu oluntambo ziyishumi nomqangala noqwabe olusho kamnandi.

[4]Nkosi ungithokozisile ngokwenzileyo, ngiyethaba ngemisebenzi yezandla zakho.

[5]Simakade, mikhulu yini pho imisebenzi yakho! Imicabango yakho ijulile kakhulu.

[6]Umuntu oyisithutha akakuboni lokhu, isiwula asikwazi ukukuqonda.

[7]Yize izonakali zihluma njengohlaza, ngisho noma izigilamkhuba zichuma, nokho-ke ziyobhujiswa ungunaphakade.

[8]Kodwa wena Nkosi uphakeme njalonjalo.

[9]Simakade nazi izitha zakho, izitha zakho zibhubha njalo, zonke izigilamkhuba ziyahlakazeka.

[10]Kodwa uwaphakamisile amandla ami njengophondo lwenyathi emisileyo, wangigcoba ngamafutha akwanokusho.

[11]Abangiqamekelayo ngababuka ngadela, ngezwa kwagcwala ezindlebeni zami ngezigilamkhuba lezo ezangivukelayo.

[12]Olungileyo uyohluma njengesundu, akhule njengomkhoba waseLebhanoni.

[13]Labo banjengemithi etshaliweyo ehluma emzini kaSimakade, ichume esigodlweni sikaNkulunkulu wethu,

[14]ithele ivame nalapho isimidala, iwuhlaza lweklume eliqinileyo,

[15]nce kwazeke ukuthi uSimakade ulungile, idwala lami elingenabubi kulo.

AmaHubo 93

Ubukhosi bukaSimakade

[1]USimakade uyabusa, uyiNkosi wembethe ubukhosi, uSimakade wembethe ubhince amandla. Impela, umhlaba wonke uzinzile awunakuzamazama.

[2]Simakade, ubukhosi bakho bumi kwasemandulo, wena wawuvele ukhona kwaphakade.

[3]Nkosi, imifula idlange ngenhlokomo, imifula idlobe ngesimokololo, imifula izwakele ngombhongo,

[4]kepha wena Simakade uphakeme, unobukhosi unamandla uyesabeka ngaphezu kokuhlokoma kwezilwandle zonkana, kunamadlambi asolwandle ayizindlondlobela.

[5]Ubufakazi bakho bethembekile ngokwempela, ubungcwele bubafanele abendlu yakho, wena Nkosi, phakade kwaphakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 94

Elokucela ukuba kuphindiswe ezitheni

1Simakade Nkulunkulu, wena Somandla ophindisa kufanele! Wena Somandla ophindisa kufanele, qhamuka ugqame ngenkazimulo!

2Mahluleli womhlaba vuka, uphindise kulabo abaziqhayisayo!

3Koze kube nini Simakade izonakali zihuba ngokunqoba kwazo, koze kube nini izonakali zikhuza iji,

4zisabholokoqa zikhuluma zihlambalaza, zizithwele lezizigilamkhuba zonke na?

5Bafohloza abantu bakho Nkosi, bahlupha lababantu okuyibona beyifa lakho.

6Babulala abafelokazi nabokufika, benzakalisa izintandane ezingenayise.

7Bathi: “USimakade kaboni esikwenzayo; akasinakile uNkulunkulu kaJakobe.”

8Qaphelani ziphukuphuku zalesisizwe, ziwula niyohlakanipha nini na?

9Yena lowo owacabeka indlebe, nithi kambe kungoba engezwa na? Yena lowo owabumba inhlamvu yeso, nithi kambe kungoba engaboni na?

10Yena lowo okhuza izizwe ngeziyalo zakhe, nithi kungoba engekwazi ukujezisa, yena ofundisa abantu ulwazi na?

11USimakade wazi izizindlo zabantu abafana nomoya ohelezayo udlule.

12Simakade, ubusisiwe umuntu omyalayo umambulele imfundiso yakho ayazi

13aphumule nangezinsuku ezimbi, izonakali zize zimbelwe igodi lazo.

14USimakade kayikubalahla abantu bakhe, kayikubashiya abayisabelo sefa lakhe.

15Kuyobuye kwahlulelwe ngokulunga, bahambe ngokulunga bonke labo abanhliziyo yabo imi ngobuqotho.

16Ngubani oyongiphendulela kwababi, angimele ajamelane nezigilamkhuba na?

17Ukuba bengingasizwanga nguSimakade ngabe ngisheshe ngaya kwelabaphansi.

18Lapho ngithi: “Unyawo lwami luyashelela! ” wangisekela njalo Nkosi yami ngesihe sothando lwakho lwafuthi.

19Mhla inhliziyo iyaluza ngemicabango wangiduduza, umoya wami wethaba.

20Abahlulela amacala ngenkohlakalo besebenzisa umthetho ngokungendlela kabanabudlelwane nawe nakanye.

21Bakha uzungu bahlanganyela olungileyo, banqumele ukufa umuntu ongenacala.

22USimakade uyintaba yami ephakemeyo, uNkulunkulu wami idwala engibalekela kulo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Wobabuyisela ngezenzo zenkohlakalo yabo, babhajwe ezihibeni zobubi babo.
USimakade uNkulunkulu wethu uyobachitha.

AmaHubo 95

Elokudumisa nokukhonza uNkulunkulu

1Wozani sihlabelele ngenjabulo, sihlokome sidumise uSimakade, yena dwala
lensindiso yethu!

2Asiye phambi kwakhe simbonga, sihlokome simhubele amahubo!

3Mkhulu uSimakade uMvelinqangi uSomandla, iNkosi enkulu phezu konkulunkulu
bonke.

4Izinzulu zomhlaba zisesandleni sakhe, neziqongo zezintaba ngezakhe nazo.

5Ulwandle ngolwakhe lwadalwa nguye, nomhlaba owomileyo wabunjwa yizandla
zakhe.

6Wozani sikhuleke sikhothame, siguqe phambi kukaSimakade umenzi wethu!

7Ngokuba yena unguNkulunkulu wethu, thina siyizimvu zedlelo lakhe, umhlambi
wakhe awelusayo. Sengathi beningalilalela izwi lakhe namhlanje likhuluma lithi:

8“Ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu njengokwenza kokhokho benu eMeribha
ngalelolanga beseMasa ogwadule,

9mhla bengiqala bengivivinya nanxa sebeyibonile imisebenzi yami.

10Eminyakeni emashumi mane sangithukuthelisa lesosizukulwane, ngaze ngathi:
‘Bayisizwe esihlubukayo, kabahambisani nezindlela zami.’

11Ngabafungela ngithukuthele ngathi: ‘Kabasoze bangena kulelozwe, izwe
ababeyophumula kulo.’ ”

AmaHubo 96

Elokudumisa uSimakade

1Culelani uSimakade igama elisha, nihubele uSimakade mhlaba wonke!

2Mculeleni uSimakade nibonge igama lakhe, nimemezele ngensindiso yakhe njalo,

3nazise izizwe ngobukhosi bakhe, izinhlanga zonke zizwe ngezimanga zakhe!

4Mkhulu uSimakade uyabongeka impela, kahlonishwe phezu konkulunkulu
bonke!

5Onkulunkulu bezizwe bayizithixo nje, uSimakade unguMvelinqangi wadala izulu.

6Uhaqwe udumo nobukhosi, amandla nenkazimulo kusethempelini lakhe.

7Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe nina mindeni ngemindeni yezizwe.
Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe senkazimulo yodumo nesamandla.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Phakamisani uSimakade esikhundleni sakhe, nibabaze igama lakhe elinodumo, niye emagcekeni akhe neminikelo.

9Khothamani nikhuleke kuSimakade, nivunule ngezambatho zobungcwele, nigide phambi kwakhe mhlaba wonke!

10Memezelani phakathi kwezizwe nithi: "USimakade useyabusa uyiNkosi, umhlaba usekelwe ungezanyazanyiswe, nguye oyokwehlulela izizwe ngobuqotho."

11Akujabule izulu kwesase nomhlaba, kudume ulwandle nakho konke okukulo!

12Akwethabe amadlelo nakho konke okukuwo, kuhlokome yonke imithi yasendle

13phambi kukaSimakade ngoba uyeza, uyeza uzokwahlulela umhlaba. Uyokwehlulela amazwe onke ngobuqotho, nezizwe azahlulele ngokwethembeka.

AmaHubo 97

Ukubusa namandla kaSimakade

1USimakade uyabusa uyiNkosi, akuthokoze umhlaba kudume phansi, kujabule amazwe ngamazwe agudla ulwandle.

2Amafu amnyama ahlomile ayamsibekela, ukulunga nobuqotho kuyisisekelo amise ngakho isihlalo sakhe sobukhosi.

3Phambi kwakhe kunomlilo ovuthayo oqothula izitha zakhe nxazonke.

4Imibani yakhe ikhanyisa amazwe onke, umhlaba uyibona ubusuthuthumela.

5Izintaba ziyancibilika njengengcina, zincibilika phambi kobuso bukaSimakade, phambi kobuso beNkosi yomhlaba wonke.

6Izulu lizwakalisa ngokulunga kwakhe, izizwe zonke zibone ubukhosi bakhe.

7Bonke abakhonza izithombe abazenzileyo bezigabisa ngazo abehlelwe ngamahloni, onkulunkulumbumbulu bonke bamkhothamele.

8AbaseZiyoni bayajabula nxa bezwa lokhu, nabasemizini yaseJudiya bayathokoza ngenxa yezinqumo zakho Simakade.

9Ngokuba wena Nkosi ungoPhezukonke, nguwe obusa umhlaba wonke jikelele, uphakeme ngaphezu konkulunkulu bonke.

10Abamthandayo uSimakade abazonde okubi, uyakulonda ukuphila kwabangcwele bakhe abakhiphe esandleni sezonakali.

11Kuhlwanyelwa ukukhanya okuyovunywa ngabalungileyo, babekelwe ukuthokoza labo abanhliziyo iqotho.

12Thokozani nethabe nina balungileyo, nibonge igama lakhe elingcwele!

AmaHubo 98

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Elokudumisa uNkulunkulu uSokulunga

Ihubo.

1USimakade mhayeleni ihubo elisha, ngoba wenzile imisebenzi emangalisayo,
wanqoba ngesandla sakhe sokunene nangamandla engalo yakhe engcwele.

2USimakade wayizwakalisa insindiso yakhe, wabonakalisa ukulunga kwakhe
ezizweni.

3Wakhumbula isihe sothando lwakhe nokwethembeka kwakhe kwabakaIsrayeli.
Imikhawulo yonkana yomhlaba iyibonile insindiso kaNkulunkulu wethu.

4Hlokoma mhlaba udumise uSimakade, unkeneze umpompoloze umbonge!

5Hubelani uSimakade nibethe umqangala, nihlabelele kuvume umqangala!

6Shayani amacilongo kukhale uphondo, nihlokome kudume phansi nikhuze
ubayede phambi kukaSimakade iNgonyama esibusayo!

7Akuhlokome ulwandle nokukulo konke kanye namazwe onke nabawakheleyo!

8Imifula ayishaye ihlombe kudume, izintaba zonke zivume ngenjabulo

9phambi kukaSimakade ngoba uyeza, uyeza uzokwahlulela umhlaba.
Uyokwehlulela amazwe onke ngokulunga, nezizwe azahlulele ngobuqotho.

AmaHubo 99

USimakade wethembekile kuIsrayeli

1USimakade uyabusa uyiNkosi, izizwe ziyagebha zisovalweni. Uhlezi esihlalweni
sakhe sobukhosi esithwelwe yizingilosi amasherabhu, umhlaba uyazamazama
uyathuthumela.

2Mkhulu uSimakade eZiyoni, uphakeme phezu kwezizwe zonkana.

3Mabadumise igama lakho balibabaze, wena Gamaliyesabeka, basho bathi: “Nguye
iNgcwele! ”

4Bayede Ngonyama! Unamandla, uthanda okulungileyo; nguwe owenze ubuqotho
bagxila, nguwe owahlulela kwaJakobe ungumahluleli olungileyo ongenzeleli.

5Mphakamiseni uSimakade uNkulunkulu wethu, nizilahle phansi ngasesigqikini
sakhe, nisho nithi: “Nguye iNgcwele! ”

6OMose noAroni, babekanye nabaphristi bakhe, noSamuweli wayengomunye
wabakhuleka kuye. Bakhala kuSimakade wabaphendula.

7Wakhuluma kubo esensikeni yefu, bezwa babugcina ubufakazi bakhe nezimiso
lezo abanika zona.

8Simakade, Nkulunkulu wethu wabaphendula wena; Somandla, waba
nguNkulunkulu othethelelayo kubo noma wabajezisa ngenxa yezono zabo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Mphakamiseni uSimakade uNkulunkulu wethu, nimkhonze entabeni yakhe engcwele nithi: “USimakade uNkulunkulu wethu uyiNgcwele! ”

AmaHubo 100

Umhlaba mawuhlokome ubonge

Ihubo lomnikelo wokubonga.

1Hlokoma mhlaba udumise uSimakade!

2Khonzani uSimakade ngentokozo, nivele phambi kwakhe nihayiye!

3Yazini ukuthi uSimakade unguMvelinqangi, sadalwa nguye, kasizenzanga thina, singabantu bakhe, izimvu zedlelo lakhe.

4Ngenani emasangweni akhe ngokubonga, niye emabaleni akhe ngendumiso; mbongeni nibabaze igama lakhe.

5ngokubanini uSimakade unomusa, unesihe sothando lwaphakade nokwethembeka kwakhe kungokwezizukulwane.

AmaHubo 101

Isethembiso sokuhamba ngobuqotho

ElikaDavide; ihubo.

1Ngiyocula ngituse umusa nobuqotho, ngikubonge ngalenkondlo Simakade.

2Ngoqaphela ukuhamba ngobuqotho, uyoze ufike nini kimi na? Ngiyohlala ngimsulwa emzini wami,

3amehlo ami anganamatheli kokuyihlazo, ngozonda izenzo ezicezileyo, ngingathatheki yimisebenzi enjalo,

4kudede inkohliso enhliziyweni yami, ngingabi nabudlelwane nabenzi bobubi.

5Ohleba omunye esitha ngiyombhubhisa, ngingambekezeleli othwele amehlo noqhoshayo.

6Izethenjwa zeNkosi endaweni ngiyozikhetha ngizenze izinceku zami, abantu abahamba ngobuqotho ngiyobaphakamisa babe yizikhonzi zami,

7ngingabavumeli komkhulu abantu abanozungu, ugedleyihlekisa angahlali phambi kwami.

8Ngiyovukela esigcawini nsukuzasa, ngibhubhise bonke ababi ezweni, ngiqede izonakali ziphume ziphele eJerusalema inxuluma likaSimakade.

AmaHubo 102

Ukukhala komuntu osekuhluphekeni

Umkhuleko womuntu ohluphekayo nxa ephelelwe amandla, ethula isikhalo sakhe phambi kukaSimakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Simakade yizwa umkhuleko wami, ukukhala kwami makufinyelele kuwe!

[2]Ungangifulatheli usitheze ubuso bakho mhlazana ngificwe ukuhlupheka; shesha ungiphendule mhla ngikhala kuwe!

[3]Izinsuku zami zishabalala njengomusi, amathambo ami avutha njengomlilo.

[4]Inhliziyo idangele yabunisa okotshani, inhliziyo imnyama ukudla akusangeni.

[5]Ngizacile ngenxa yomsindo wokugquma, ngondile sengimbambo ziyabalwa.

[6]Nginjengonozalizingwenya esogwadule, njengesikhova sombhidlika wenxiwa.

[7]Ngiqwashile ngibheke ngawayizolo, ngiqhath' umunyu njengenyoni ophahleni.

[8]Izitha zami zijinge zingichukuluza, abangizingelayo babhoka ngolaka bese beqanganisa ngegama lami.

[9]Ngiyalila, umlotha usungukudla kwami, izinyembezi ziconsela kwengikuphuzayo

[10]ngenxa yolaka nokungithukuthelela kwakho. Ungithathile wangilahla emajukujukwini.

[11]Zinginciphele izinsuku, selimathunzi, mina luqobo sengibunise okotshani.

[12]E Simakade! Nguwe osesihlalweni sobukhosi phakade, wokhunjulwa yizizukulwane ngezizukulwane.

[13]Wena uyosukuma ulihawukele iZiyoni, ngoba sekuyinkathi yokuliphatha ngomusa, isikhathi esimiselwe lokhu sesifikile.

[14]Izinceku zakho zilithanda noma liyimvuthu yamatshe, zilizwela noma lingumbhidlika wothuli.

[15]Abezizwe bolesaba igama likaSimakade, amakhosi onke azise ubukhosi bakhe.

[16]Mhla uSimakade elakha kabusha iZiyoni uyogqama ngenkazimulo nangobukhosi.

[17]Woyizwa ayinake imikhuleko yabadingayo, angayibukeli phansi imithandazo yabo.

[18]Lokhu sekuyolotshwa phansi, kulondelwe isizukulwane esizayo, isizwe esiyozalwa sidumise uSimakade.

[19]Ngokuba uSimakade wabuka phansi ekweliphezulu endaweni yakhe engcwele. Wabheka ngasemhlabeni esezulwini,

[20]ukuba ezwe ukububula kwababoshiweyo, akhulule abathunyelwa kwagoqanyawo.

[21]Kuyolandwa ngegama lakhe eZiyoni, bamhubele uSimakade eJerusalema,

[22]lapho izizwe sezibuthene ndawonye kanye nemibuso ukumkhonza uSimakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

23Waqeda amandla ami ngisesendleleni, wafinyeza izinsuku zokuphila kwami.

24Ngithi: “Nkulunkulu wami Somandla, ungasheshi ungithathe ngisakhula. Kuyodlula iminyaka nezizukulwane kepha wena uyobe umi nanini.

25Emandulo wabeka izisekelo zomhlaba, izulu lingumsebenzi wezandla zakho.

26Kodlula izulu nomhlaba, wena ume njalo, koguga konke kuphele njengengubo, ukulahle maqede uthathe okunye.

27Kepha-ke wena uyohlala unguwe njalo, iminyaka yakho ayinqamuki naphakade.

28Abazukulu bezinceku zakho bohlala ezweni, inzalo yabo ihlale iphambi kwakho njalo.”

AmaHubo 103

Elokubonga uSimakade ngemisebenzi yakhe yomusa

ElikaDavide.

1Mbonge uSimakade mphefumulo wami, konke okukimi akumdumise kubabaze igama lakhe elingcwele!

2Mbonge uSimakade mphefumulo wami, ungayikhohlwa imisebenzi yakhe yomusa!

3Uyangithethelela izono zami zonke, angelaphe zonke izifo zami.

4Uyangihlenga ngisinde ekufeni, angethwese umqhele ekhanda ongububele nothando olungaguqukiyo.

5Wenelisa ukufisa kwami ngokuhle, ngivuselelwe ubusha bami bubuye, ngithole amandla amasha njengokhozi.

6USimakade wenza imisebenzi yokulunga, amele abacindezelweyo bonke.

7Imisebenzi yakhe wayambulela uMose, abakwaIsrayeli wabazisa izenzo zakhe.

8Unesihawu uSimakade unomusa, kumthatha kade ukuba athukuthele, kuvame kuye uthando olungapheliyo.

9Akalokhu esithethisa esethwesa icala, akasithukutheleli ungunaphakade.

10Akasiphathi njengokufanele izono zethu, kaphindisi kithi ngokulingene nobubi bethu.

11Njengoba izulu liphakeme phezu komhlaba, kanjalo uthando lwakhe olungaguqukiyo lukhulu luphakeme phezu kwabamesabayo.

12Uzintshinga kude iziphambeko zethu njengokuqhelelana kwempumalanga nentshonalanga.

13USimakade unesihe kwabamesabayo njengoyise ehawukela abantwana bakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14Ngokuba uyasazi ukudalwa kwethu, abuye akhumbule ukuthi siluthuli nje.

15Umuntu, izinsuku zakhe zinjengotshani, uhluma njengembali yasendle iqhakaza.

16Ipheshethwa umoya inyamalale, ngisho nendawo yayo ingabisayazi.

17Kepha isibusiso sothando lukaSimakade olungaguquki kwaphakade naphakade siphezu kwalabo abamesabayo, unomusa nakubantwana babantwana

18kulabo abagcina isivumelwano sakhe bekhumbula imithetho yakhe bayigcine.

19USimakade wamisa isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini, konke okukhona kungaphansi kombuso wakhe.

20Mbongeni uSimakade zingilosi zakhe ezingamaqhawe anamandla, nina enikufezayo anithume khona lapho nimuzwa ekhipha umyalo wakhe!

21Mbongeni uSimakade luquqaba lonke lwamaviyo akhe, nina zinceku enenza akuthandayo!

22Mbongeni uSimakade nina misebenzi yonke ayenzileyo ezindaweni zonke embusweni wakhe! Mbonge uSimakade mphefumulo wami!

AmaHubo 104

USimakade unakekela akudalileyo

1Mbonge uSimakade mphefumulo wami! Simakade Nkulunkulu wami, wena umkhulu ngokwesabekayo. Wevathe ubukhosi nenkazimulo,

2uzembesa ingubo yokukhanya. Izulu ulendlalile njengesikhumba,

3indlu yakho yobukhosi uyakha phezu kwamanzi. Amafu amnyama ahlomile ayinqola yakho, umoya ungamaphiko akho oshweza ngawo.

4Uthuma umoya ube yisigijimi sakho, umbani ophambanayo ube yinceku yakho.

5Wagxumeka umhlaba ezisekelweni zawo nce ungazanyazanyiswa phakade naphakade.

6Wawugubuzela ngezinzulu zolwandle, amanzi eleka iziqongo zezintaba.

7Wawakhuza ayesecela empunzini, ngokubhonga kwakho ayesebaleka,

8adilika ezintabeni ehlela ezigodini eya endaweni owawakhethela yona.

9Wawabekela umncele ukuba angaweqi, angabuyeli emuva asibekele umhlaba.

10Uqhumisa iziphethu zigobhoze emihosheni, kugeleze imifula phakathi kwezintaba.

11Kuyo kuphuza izilwane zonke zasendle, amadube acima ukoma kwawo kuyo.

12Izinyoni zasendle ziyakhela ngakuyo, emagatsheni emithi zitshwiyoze zicula.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Uchela izintaba ngemvula evela phezulu, umhlaba uvame izithelo zemisebenzi yakho:

14uhlumisa utshani nce kuphile impahla, nemifino elinywe ngabantu emasimini, bathole ukudla okuvela emhlabathini,

15newayini elenamisa inhliziyo yabo, namafutha okugcoba ubuso bucwebezele, nokudla okuyinsika yempilo yomuntu.

16Kweneliswa nemithi yasendle kaSimakade, imikhoba yaseLebhanoni ayitshalayo

17izinyoni ezakhela kuyo izidleke zazo; unogolantethe wakhela emithinemide.

18Izintaba ezinde ziyinkundla yamaqhina, ezixhotsheni zamatshe kucasha izimbila.

19Inyanga uyenza yahlukanise izikhathi, ilanga liyasazi isikhathi sokushona.

20Ulimboza ngobumnyama bese kuhlwa, kweluke zonke izilwane zasendle.

21Amabhongo amabhubesi ayazamula ehamba efuna izinyamazane zawo, ecela kuSomandla ukudla kwawo.

22Ekuphumeni kwelanga ahoshekela emuva, alale ecashile emihumeni yawo.

23Umuntu uyaphuma aye emsebenzini wakhe ashikashikeke lize liyoshona ilanga.

24Yaze yaminingi imisebenzi yakho Nkosi! Ukwenze konke ngokuhlakanipha okukhulu, umhlaba ugcwele izidalwa zakho.

25Nantuya ulwandle lukhulu, lubanzi, kukhona lapho izilwane ezitshuzayo ezincane nezinkulu ezingenakubalwa.

26Imikhumbi ihamba intweze kulo, nemikhomo oyidalele ukutshakadula kulo.

27Zonke lezizidalwa zibheke kuwe ngethemba ukuba uzifunze ngesikhathi esifaneleyo.

28Uzipha ukudla kwazo bese zikuqoqa, uphakele ngesandla esevayo ngesihle bese zaneliswa ngokuhle ezikuphiwayo,

29usitheza ubuso bakhe zinyamalale, uzephuca umphefumulo zishabalale, ziphenduke zibe uthuli ezabunjwa ngalo,

30uthumela uMoya wakho bese ziyadalwa, uhlumise kabusha okusebusweni bomhlaba.

31Udumo lukaSimakade alume phakade, athokoze uSimakade ngemisebenzi yakhe!

32Nguye obuka umhlaba ubusuthuthumela, afike athinte izintaba bese zishunqa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

33Ngiyomculela uSimakade ngisesemhlabeni, ngimhubele uNkulunkulu wami ngisekhona.

34Akwamukeleke kuye ukuzindla kwami; mina ngojabula ngidele ngoSimakade.

35Izoni azinyamalale unomphela emhlabeni, izonakali zingabe zisaphushwa nakuphushwa! Mbonge uSimakade mphefumulo wami! Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 105

Imisebenzi emangalisayo kaSimakade ayenzela uIsrayeli

1Bongani uSimakade, nishumayele udumo lwegama lakhe, nazise izizwe ngemisebenzi yakhe!

2Hlabelelani nimdumise uSimakade, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke!

3Zigabiseni ngegama lakhe elingcwele; bajabule ngenhliziyo yonkana abantu labo abamfunayo uSimakade!

4Khuthalelani ukumazi uSimakade, niwafunde amandla akhe amakhulu, nifunisise ubukhona bakhe njalo!

5Khumbulani izimangaliso ayezenza, izimanga zakhe nezinqumo azikhiphayo,

6nina nzalo ka-Abhrahama inceku yakhe, nina bakaJakobe enakhethwa nguNkulunkulu!

7Nguye uSimakade uNkulunkulu wethu, izinqumo zakhe ziqondene nomhlaba wonke.

8Usikhumbula njalo isivumelwano sakhe, nezimiso zakhe inkulungwane yezizukulwane,

9lesosivumelwano asenza noAbhrahama, isethembiso sakhe asifungela kuIsaka,

10wasiqinisa saba yisimiso nakuJakobe, isivumelwano esimiyo noIsrayeli.

11Wathi: “Wena ngokunika izwe lakwaKhanana, libe yisabelo eniyoba zindlalifa zalo.”

12Babembalwa ngesibalo beseyidlanzana, beyimithonselana yezihambi kulelozwe.

13Babehamba bezisisa ezizweni ngezizwe bephuma bengena umbuso ngombuso,

14kodwa kavumelanga muntu ukubacindezela, ngenxa yabo wajezisa namakhosi imbala,

15wathi: “Ningabathinti abagcotshiweyo bami, ningabalokothi nibalimaze abaphrofethi bami! ”

16Yena waveza indlala kulelozwe, imbuya yadliwa ngothi.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

17Wayesethuma indoda eyabandulela, uJosefa wathengiswa waba yisigqila.

18Bamhlupha bambopha izinyawo ngezisinga, bamnsala ngamaketango ensimbi

19kwaze kwagcwaliseka amazwi ayewashilo, uSimakade emfakazela ukuthi uqinisile.

20Inkosi uFaro yathumela ukuba akhululwe, lowombusi wezizwe wathi makadedelwe.

21Yambeka waba ngumphathi womuzi wayo, induna ebheke konke eyayinakho.

22Walawula phezu kweziphakanyiswa zayo, wafundisa izigele zayo ukuhlakanipha.

23UIsrayeli wayesefika kwelaseGibhithe, uJakobe waba yisihambi ezweni lakwaHamu.

24USimakade wabandisa kakhulu abantu bakhe, wabapha amandla phezu kwezitha zabo.

25Wenza zajika zabazonda abantu bakhe, zasuka zaqilizela izinceku zakhe.

26Wayesethumela uMose inceku yakhe, ehambisana noAroni ayemkhethile.

27Benza izimangaliso zakhe ebantwini, nezimanga ezweni lakwaHamu.

28Waletha ubumnyama kwahlwa ngci, abaseGibhithe kabamelananga nakushoyo.

29Waguqula amanzi abo aba yigazi, wazishaya wazibhuqa izinhlanzi zakhona.

30Izwe labo lagcwala izingxangxa, zaphethuza nasesigodlweni senkosi.

31Wakhipha umyalo kwabhuza izibawu, kwavela izinsensane ezweni lonke labo.

32Wehlisa isangquma esikhundleni semvula, kwaklwebha amakloba onyazi ezweni labo.

33Waceka imivini nemikhiwane yabo, wephula nemithi ezimfundeni zakhona.

34Wakhipha umyalo kwavela isikhonyane nezinkumbi ezingenakubalwa zenkasa

35okwalushaya kwalubhuqa uhlaza ezweni labo, kwazidla kwaziqeda izithelo emasimini abo.

36Wabulala onke amazibulo ezweni ababezibone ngawo ukuthi bangamadoda.

37Wayesekhipha isizwe sakhe eGibhithe, saphuma siphethe isiliva negolide, emindenini yaso akutengezelanga noyedwa.

38AmaGibhithe ajabula mhla bemuka ngoba ayeshayana amadolo ngenxa yabo.

39Ifu laba ngumpheme wabasithibeza ngalo, kwavela umlilo owabakhanyisela ebusuku.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

40Bacela, wayesebapha izagwaca, wabasuthisa ngesinkwa esivela ezulwini.

41Waqhekeza idwala kwagobhoza amanzi, ageleza ogwadule njengomfula.

42Ngoba wakhumbula isethembiso esingcwele asenza kuAbhrahama inceku yakhe.

43Wahola abantu bakhe bahamba ngokujabula, abakhethiweyo bakhe bahuba ngokwethaba.

44Wabanikeza umhlaba owawungowabezizwe, badla ifa eliyisithukuthuku sezinhlanga,

45nce isizwe sakhe sigcine izimiso zakhe, silondoloze imfundiso yomthetho wakhe. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 106

Inkani kaIsrayeli

1Haleluya, dumisani uSimakade! Bongani uSimakade ngoba unomusa, unesihe sothando lwaphakade!

2Ngubani ongalanda ngemisebenzi yamandla kaSimakade, amemezele udumo lwakhe lonke na?

3Babusisiwe abahamba ngobuqotho, lababantu abenza okulungileyo njalo.

4Ngikhumbule nami Nkosi yami lapho wenzela abantu bakho umusa, ngihambele nami ngensindiso yakho

5nce ngibone abakhethiweyo bakho bechuma, ngithokoze kanye nesizwe sakho, ngigabe ngawe emdibini nabayifa lakho.

6Sonile thina sikanye nokhokho, sona kakhulu, senza okubi.

7Okhokho kabazange baziqaphelisise izimangaliso zakho beseseGibhithe. Kabazikhumbulanga izenzo lezo eziningi owawuzenzile ngothando lwakho lwafuthi, kodwa benza ubuhlongandlebe ngasolwandle, beseduze nasoLwandle oluBomvu.

8Kodwa uSimakade wabasindisa nce kuphakanyiswe igama lakhe, abonakalise amandla akhe esabekayo.

9Wakhuza uLwandle oluBomvu loma nkwe, wabaweza badabula ekujuleni njengasehlane.

10Wabasindisa esandleni salowo obazondayo, wabahlenga emandleni engalo yesitha.

11Amanzi asibekela abamelene nabo, akwasala noyedwa ezitheni zabo.

12Lapho-ke bawakholwa amazwi akhe, bacula bamhasha ngezibongo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

13Basheshe bayikhohlwa imisebenzi yakhe, kabalindelanga ukuzwa izeluleko zakhe.

14Bangenelwa ukuhaha ogwadule, bamqala uSomandla ehlane.

15Wabanika lezozinto abazicela kuye, kepha wabaqeda ngokufa okwabaqothulayo.

16Endaweni ababegobe kuyo amadlangala baba nomhawu bamfela umona uMose noAroni owayehlukaniselwe uSimakade.

17Umhlaba waqhekezeka waginga uDathani, wagqiba abeqembu lika-Abhiramu.

18Umlilo wavutha wadla abeqembu labo, ilangabi lakhotha izonakali lezo.

19Babumba umphuhle wethole eHorebhu, bakhothamela isithixo esibunjiweyo.

20Bamchiliza owayewudumo lwabo, baqoka umphuhle wenkomo ehlwabulayo.

21Bamkhohlwa uSomandla umsindisi wabo owayegile izimanga ezinkulu eGibhithe,

22imisebenzi emangalisayo kwelakwaHamu, izinto ezesabekayo ngasoLwandle oluBomvu.

23Walikhipha wathi uzobaqothula, Mose lowo wakhe owabashwelezelayo, wabakhalela wabalamulela kuNkulunkulu ukuba abhodle ulaka angabaqothi baphele.

24Balipiklela leliya elihle kakhulu, kabaze basikholwa isethembiso sakhe.

25Bahlala bakhononda emadlangaleni abo, bangalilalela izwi likaSimakade.

26Waphakamisa isandla wafungela ukubaceka bafele ehlane,

27inzalo yabo ibe yincithakalo kwabezizwe, ichithekele emazweni ngamazwe.

28Bayasuka-ke sebezisisa kuBhali wasePheyori, badla imihlatshelo engeyabafileyo.

29Bamcunula ngemikhuba ababeyenza, kwabheduka imbo yabaqeda.

30Kwasuka uFiniyase wabalamulela, kwase kunqamuka isifo esibhubhisayo;

31ngalokho wasebalelwa ukulunga ezizukulwaneni ngezizukulwane naphakade.

32Babuye bamqala esiphethwini saseMeribha, noMose futhi babuye bamonela,

33ngoba bacunula uMoya kaNkulunkulu, uMose wadinwa wakhuluma weqisa.

34Izizwe lezo kabaziqothulanga njengoba uSimakade ayebayalile ngazo,

35kepha baba mdibi munye nabezizwe, bafunda ukugila imikhuba yabo.

36Bakhothamela izithixo zabafo, zababhabhisa kunoxhaka.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

37Bahlabisa imimoya emibi, beyihlabisa ngamadodana namadodakazi abo.

38Bachitha igazi lezingane ezingenacala, igazi lamadodana namadodakazi abo, banikela ngawo ezithixweni zakwaKhanana, izwe lonke lagobhoza igazi.

39Banukubezeka kanjalo ngemisebenzi yabo, ngemikhuba yabo bahlubuka baba yiziphingi.

40Ngakhoke ulaka lukaSimakade lwavutha, wabathukuthelela abantu bakhe, wabanengwa abayisabelo sefa lakhe.

41Wayesebanikela ezandleni zabezizwe, ababazondayo bababusa babaqonela.

42Izitha zabo zabacindezela zabathobisa, zabanyathela ngaphansi kombuso wazo.

43Wayelokhu ebasindisa kaninginingi, kepha bahlanganisa ukumchitha angababusi, bangena bathi shi ekonakaleni kwabo.

44Wabezwela lapho bezikhalela kuye, wanakisisa lapho ebona besosizini.

45Wakhumbula isivumelwano sakhe wabezwela, uthando lwakhe olukhulu lwafuthi lwamenza ukuba abuye axole.

46Wenza bonke ababebathumbile ukuba babuye babadabukele.

47Sisindise Simakade Nkulunkulu wethu, usibuthe ezizweni usiqoqele ndawonye yikhona sizobongela igama lakho elingcwele, sibabaze udumo lwakho sigabe ngalo!

48USimakade uNkulunkulu kaIsrayeli akadunyiswe phakade naphakade! Umphakathi wonke awuthi: “Elethu! Ameni! ” Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 107

Isigaba sesihlanu

USimakade uyakhulula ezingxakekweni

1“Bongani uSimakade ngoba unomusa, unesihe sothando lwaphakade! ”

2Abahlengiweyo bakaSimakade abasho njalo, abophulayo esandleni sezitha zabo.

3Waziqoqela bona emazweni ngamazwe, wabalanda empumalanga nasentshonalanga, enyakatho nasezweni langasolwandle.

4Babezula ehlane lakwahlongasibi, nokho bangathola muzi abangawuhlala.

5Babephathwa yindlala nokoma, kwaye kwaphela nasozwanini kubo.

6Bakhala kuSimakade besekuhluphekeni, wabakhulula ezingxakekweni zabo.

7Wabafaka emkhondweni owonawona ukuba bawulandele bangenise emzini.

8Abambonge uSimakade ngothando lwakhe nangemisebenzi yakhe emangalisayo kubantu!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9Uwudelisile umphefumulo owomileyo, abalambileyo wabasuthisa ngokuhle.

10Babehlezi ethunzini nasesigayegayeni beyiziboshwa ezigigwe ngezisinga,

11ngoba babekade bengamaphikankani bengayilaleli imiyalo kaSomandla, bedelela iseluleko soPhezukonke.

12Wabazuka umoya ngokubagqilaza, bafumbeka phansi bangasizwa muntu.

13Bakhala kuSimakade besekuhluphekeni, wabakhulula ezingxakekweni zabo.

14Wabakhipha ethunzini nasesigayegayeni, wanqamula izibopho ezazibansinyile.

15Abambonge uSimakade ngothando lwakhe nangemisebenzi yakhe emangalisayo kubantu!

16Wafohloza amasango ethusi, wephula imigoqo yensimbi.

17Baba yiziwula ezonakeleyo ngokweqa umthetho, base behlushelwa icala abalenzileyo;

18izinhliziyo zaba mnyama kabaze badla, baba yizidondobala ezilengela ekufeni.

19Bakhala kuSimakade besekuhluphekeni, wabakhulula ezingxakekweni zabo.

20Wakhipha umyalo wakhe wabaphilisa, wabophula sebeyela egodini.

21Abambonge uSimakade ngothando lwakhe nangemisebenzi yakhe emangalisayo kubantu,

22banikele ngomhlatshelo wokubonga, bababaze imisebenzi yakhe bahlokome!

23Babentweza elwandle ngemikhumbi behweba ngempahla olwandle;

24bakhangwa yimisebenzi kaSimakade nezimangaliso zakhe olwandle olujulileyo.

25Walikhipha kwase kusuka isiphepho, savusa amadlambi alo asho aqonga.

26Bathathwa baphoswa phezulu, bagomonqa behliswa, bashona phansi, baphelelwa yisibindi besengcupheni.

27Badiyazela bantenga njengesidakwa, ukuhlakanipha kwabo kwaphela nya.

28Bakhala kuSimakade besekuhluphekeni, wabakhulula ezingxakekweni zabo.

29Wathulisa isiphepho kwathi cwaka, amadlambi olwandle athula athi du.

30Bathokoza ngoba kwase kuthe cwaka, wabafikisa kulelotheku ababeqonde kulo.

31Abambonge uSimakade ngothando lwakhe nangemisebenzi yakhe emangalisayo kubantu,

32bambabaze bephambi kombuthano webandla, bamdumise emhlanganweni wezigele.

33Washisa imifula yaba ugwadule, imithombo yamanzi yasha yagangadeka,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

34izwe lenala laba yihlane elineswayi ngenxa yobubi babantu abalakheleyo.

35Waguqula ugwadule lwaba yichibi lamanzi, uqwathule lwaqhuma iziphethu zamanzi.

36Kulapho abeka khona abalambileyo inxiwa, bahlala bakha imizi yabo bazinza.

37Balima amasimu batshala nezivini, bavuna intilibathwa yokudla nezithelo.

38Wababusisa baze banda kakhulu, bavunywa yimfuyo yabo yachuma.

39Kwabuye kwenzeka futhi bancipha, bathotshiswa ngokucindezelwa nokuhlushwa.

40Wazibukela phansi izikhulu, wazenza imizulane zahlwathiza ehlane,

41kodwa wamenyula ompofu wamkhipha osizini, wamandisela imizi njengomhlambi.

42Abaqotho bayakubona lokhu bajabule, ababi bathunge imilomo bathule.

43Ohlakaniphileyo makazibukisise lezizinto aqonde ngesihe sothando lukaSimakade!

AmaHubo 108

Elokucela usizo, isizwe selekelelwe ezitheni

(AmaHubo 57:7-11; 60:5-12)
Ingoma eyihubo likaDavide.

1Inhliziyo yami imi isibindi Mvelinqangi, ngiyocula ngikuhubele ngikudumise, umphefumulo wami uyocula uhube.

2Phaphamani luqwabe lwami nomqangala, ngomculo wenu ngiyovusa intathakusa.

3Simakade, ngiyokudumisa phakathi kwezizwe, ngikuhubele naphakathi kwezinhlanga.

4Ubukhulu besihe sothando lwakho bufinyelela ezulwini nakweliphezulu, ukwethembeka kwakho kuye kushaye emafwini.

5Mvelinqangi, akugqame ubukhosi bakho kweliphezulu, udumo lwakho lwande emhlabeni wonke!

6Nginqobise ngesokunene sakho ungizwele, ukuze abathandiweyo bakho basindiswe.

7UMvelinqangi ukhulume esebungcweleni bakhe wathi: “Ngiyozigabisa ngokuphumelela kwami, ngidabule iShekemu ngilabe, ngiklame isigodi saseSukothi.

8Izwe lakwaGiliyadi ngelami, ngelami nezwe lakwaManase, uEfrayimu uyisihlangu sokuvikela ikhanda lami, uJuda yintonga yami engibusa ngayo,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

9elakwaMowabhu lingumcengezi enginqamulela izinyawo kuwo, kwelakwaEdomu kulapho ngikhweza khona izicathulo, elamaFiliste ngiyolinqoba ngesase ngikhuze iji.”

10Ngubani oyongisa kulowomuzi oyinqaba, aze angibeke kwelakwaEdomu na?

11Nkulunkulu, akuwena osidubile wasilahla? Wo Nkulunkulu! Awusaphumi impi namaviyo ethu na?

12Sisize uselekelele komelene nathi, luyize usizo lomuntu womhlaba.

13Sonqoba ngoNkulunkulu engakithi, azidovadove phansi izitha zethu.

AmaHubo 109

Elokunxusa impindisa ezitheni

Elethulwe kumculisi; elikaDavide; ihubo.

1Nkulunkulu wami engimdumisayo, ngizwele ungamane uthule nje!

2Izonakali nabakhohlisi bayangihleba, bangiqambela amanga ngemilomo yabo,

3bangihaqe ngamanga anenzondo, balokhu belwile nami bengisukela nje.

4Ngiyabathanda, nokho bayangisentelela, kepha mina ngihlala emkhulekweni.

5Ngabenzela okuhle, babuyisela ngokubi, ngabakhombisa uthando, baphindisa ngenzondo.

6Lomuntu oyisitha sami akahlulelwe ngumahluleli okhohlakeleyo, kuvele othile amethwese icala!

7Akalahlwe icala nxashana ehlulelwa, ngisho nomkhuleko wakhe awuphenduke isono!

8Imihla yokuphila kwakhe ayifinyezwe, nesikhundla sakhe sithathwe ngomunye!

9Abantwana bakhe ababe yizintandane, nomkakhe abe ngumfelokazi!

10Abantabakhe ababe yimizulane enqibayo, bahambe benxiba bekude namanxiwa!

11Konke anakho akudliwe ngumtshelekisi, abokufika bamphange isithukuthuku sakhe!

12Kungabikho noyedwa omdabukelayo nonesihe kubantabakhe bekhedamisile!

13Inzalo yakhe ayiqotheke iphele nya, igama layo lingaziwa neze ngabantababo!

14Ububi boyise akabukhumbule uSimakade, singesulwa neze isono sikanina.

15Lokhu akuhlale kuphambi kukaSimakade, enze bangabe besakhunjulwa emhlabeni!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

16Lomuntu akakucabanganga ukuba nesihe, elokhu azingela ocindezelweyo nompofu, wabulala onhliziyo yakhe idabukile.

17Wayekhonze ukuqanganisa, kwabuya ngaye, akasijabulelanga isibusiso, ngakho saqhela kuye.

18Ukuqanganisa kwakhe kwaba yinsakavukela umchilo wesidwaba, kwangena njengamanzi emzimbeni wakhe, kwaba njengomnkantsha emathanjeni.

19Iziqalekiso azimnamathe njengesevatho nanjengexhama azibopha ngalo mihla yonke!

20Simakade bavuze kanjalo-ke abangimangalelayo bekhuluma kabi ngami.

21Simakade Nkosi yami ngenzele okuhle ukuba kudunyiswe igama lakho! Ngophule ngoba luhle uthando lwakho!

22Ingani mina ngihluphekile ngimpofu, ngilimele ngaphakathi emoyeni.

23Ngedlula njengomthunzi wantambama, ngithintithwa njengentethe ephephukayo.

24Sengizilile kwaze kwaxega amadolo, umzimba wami awuzacile khona, ngiyanuka.

25Mina ngiyinsini kubo bonke, bangibuka maqede banikine amakhanda.

26Simakade Nkulunkulu wami ngisize, ungisindise ngothando lwakho lwaphakade,

27ukuze bazi ukuthi isandla sakho singisindisile nokuthi nguwe Nkosi owenze lokhu!

28Nxa beqanganisa bona, wena-ke wongibusisa, uma bengivukela behlelwe ngamahloni, kepha inceku yakho ithokoze nokuthokoza!

29Labo abangimangalelayo abahlazeke bembathe amahloni njengengubo!

30Ngiyomemezela ngimbonge uSimakade, ngimdumise ngiphambi koquqaba lwabantu.

31Uyema ngakwesokunene sompofu amvikele, amsindise kulabo abamnqumela ukufa.

AmaHubo 110

USimakade ubeka iNkosi ibuse

ElikaDavide; ihubo.

1USimakade wathi eNkosini yami: “Hlala ngakwesokunene sami ngize nginqobe izitha zakho zithele kuwe! ”

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Bayede! USimakade wokwethwesa amandla eseZiyoni, akunikeze intonga yobukhosi bakho, ubuse izitha umi phakathi kwazo.

3Abantu bakho bayovumela phezulu mhla uyiphaka uhlasela izitha, amabutho akho ayokuza kuwe ehlobe imvunulo engcwele, ayovela njengombethe entathakusa.

4USimakade wafunga wagomela, akasoze agwiqika esethembisweni sakhe, wathi: “Wena ungumphristi kwaphakade ngokokuma kukaMelkhizedeki.”

5USimakade umi ngakwesokunene sakho, mhla wathukuthela uyonqoba amakhosi.

6Izizwe kumhla eyozahlulela ngecala, izidumbu zidunuselane empini, ehlule amakhosi emhlabeni wonke.

7INkosi iyophuza emthonjeni ngasendleleni, kubuye amandla iqonele bonke.

AmaHubo 111

USimakade unakekela abantu bakhe

1Haleluya, dumisani uSimakade! Ngiyombonga uSimakade ngenhliziyo yonke lapho ngisemgwamandeni wabaqotho.

2Impela mikhulu imisebenzi kaSimakade, bonke abayithakaselayo bazindla ngayo.

3Kunenkazimulo nobukhosi akwenzileyo, ukulunga kwakhe kuhleli unaphakade.

4Wenze isikhumbuzo sezimanga zakhe; uSimakade unomusa unobubele.

5Abamesabayo ubapha ukudla, usikhumbula njalo isivumelwano sakhe.

6Wabonisa amandla akhe kubantu bakhe ngokubapha umhlaba oyifa labezizwe.

7Wethembekile uqotho ngemisebenzi yakhe, imithetho yakhe inokwethenjwa yonke.

8Iyoma phakade naphakade ingaguquki, wayibeka ngokwethembeka nangobuqotho.

9Wafika wabahlenga abantu bakhe, wamisa isivumelwano esiyisimakade; lingcwele liyababazeka igama lakhe.

10Indlela okuqalwa ngayo ukuhlakanipha ingukuba kwesatshwe uSimakade. Abakwenzayo lokhu bahluzile. Ufanele ukudunyiswa ungunaphakade.

AmaHubo 112

Owesaba uSimakade uyophumelela

1Haleluya, dumisani uSimakade! Ibusisiwe indoda eyesaba uSimakade, eyithokozela kakhulu imiyalo yakhe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Inzalo yayo yoba nodumo emhlabeni; isizukulwane sabaqotho siyobusiswa.

3Kuyokwanda ingcebo nemfuyo ekhaya layo, ukulunga kwayo kume ungunaphakade.

4Kwabaqotho ukhanya njengobhaqa emnyameni yena onomusa nesihe nokulunga.

5Iyadela indoda enomusa ibolekise, eqotho uma ithengiselana nabantu.

6Ayisoze yanyakaziswa nanini, olungileyo uyohlala ekhunjulwa njalo.

7Kanaluvalo lwemibiko emibi, inhliziyo yakhe imi lapho ikhona, ulokhu ethembele kuSimakade.

8Unesibindi, inhliziyo yakhe ayesabi, uyoze abone izitha zakhe zijabhile.

9Uyephana kwabayizimpofana asaphaze, ukulunga kwakhe kumi ungunaphakade, uyoba namandla nodumo olukhulu.

10Isonakali siyokubona lokhu sihlabeke, sidle imihlathi, sidleke siphele; okuhloswa yizonakali kuyoshabalala.

AmaHubo 113

Elokubonga uSimakade ophakamisa ophansi

1Haleluya, dumisani uSimakade! Mdumiseni nina zinceku zikaSimakade, nilidumise igama likaSimakade!

2Akubongwe igama likaSimakade manje naphakade kwaphakade!

3Igama likaSimakade alidunyiswe kusukela liphuma lize liyoshona.

4USimakade uphakeme phezu kwezizwe zonke, inkazimulo yakhe ikhanya kweliphezulu.

5Ngubani onjengoSimakade uNkulunkulu wethu ohlezi esihlalweni sobukhosi phezulu,

6athobe abheke okuphansi emajukujukwini, ngubani ezulwini nasemhlabeni na?

7Uphakamisa ohluphekayo esothulini, enyule impofana emqubeni.

8Umthatha amhlalise nezikhulu, amhlalise namakhosi abantu bakhe.

9Wenamisa inyumba emendweni, ayenze ibe ngunina wabantwana. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 114

UIsrayeli ukhishwa eGibhithe ngezimangaliso zikaNkulunkulu

1Lapho abakwaIsrayeli bephuma eGibhithe, abendlu kaJakobe esizweni solunye ulimi,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2uJuda waba yindawo engcwele kaSimakade, uIsrayeli isabelo asibusayo.

3Ulwandle lwathi nhla lwabaleka, umfula waseJordani waphind' umuva.

4Izintaba zatshekula njengezinqama, amagquma atshakadula njengamawundlu emvu.

5Wena lulwandle, mhlola muni lona okubalekisayo, kwenze njani Jordani waphind' umuva na?

6Zintaba nitshekulelani njengezinqama, magquma nitshakadulelani njengamawundlu na?

7Wena mhlaba, thuthumela phambi kukaSimakade, phambi kobuso bukaNkulunkulu kaJakobe!

8Uguqula idwala libe yichibi lamanzi, iqwaqwasi liphenduke umthombo wamanzi.

AmaHubo 115

USimakade nonkulunkulumbumbulu

1Simakade makungabi yithi, kungabi yithi nempela, akube yigama lakho elithola udumo ngenxa yesihe sothando lwakho lwafuthi nangenxa yokwethembeka kwakho.

2Zikusholani izizwe zithi: “Useye ngaphi manje uNkulunkulu wabo? ”

3Kodwa thina sinoNkulunkulu ezulwini, wenza lokho athanda ukukwenza.

4Onkulunkulumbumbulu babezizwe bakhandwa ngesiliva nangegolide, benziwa ngezandla zomuntu nje.

5Banemilomo kepha kayithi vu, banamehlo kepha ayizintundulu nje.

6Banezindlebe kepha azitholi, banamakhala kepha bangehogele.

7Banezandla ezingenamuzwa nezinyawo abangehambe ngazo, akuzwakali msindo wephimbo labo.

8Mabafuze izithixo abazenzileyo bonke laba abethembela kuzo!

9Wena Israyeli thembela kuSimakade, nguye umsizi nesihlangu sokunivikela.

10Wena ndlu ka-Aroni methembeni uSimakade, nguye umsizi nesihlangu sokunivikela.

11Nina enimesabayo thembelani kuSimakade, nguye umsizi nesihlangu sokunivikela.

12USimakade osikhumbulile uzosibusisa, ababusise abendlu kaIsrayeli, ababusise abendlu ka-Aroni,

13ababusise abamesabayo uSimakade, abusise untukazana nezikhulu.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

14USimakade anibusise nizalane nande, anandise nina nesizukulu senu!

15Sengathi uSimakade anganibusisa, yena menzi wezulu nomhlaba!

16Izulu leli lingelikaSimakade, umhlaba wawunika abasemhlabeni.

17Abafileyo kabamdumisi uSimakade, abamlokothi abehlela kwelabaphansi.

18Kodwa thina siyombonga uSimakade kusukela manje kuze kube phakade. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 116

Elokubonga ukusindiswa ekufeni

1Ngiyamthanda uSimakade ngokungizwa lapho ngikhala kuye ngicela umusa.

2Ngoba ubeke indlebe wangizwa; ngiyokhala kuye ngisadla anhlamvana.

3Kwasondela amafolo ethuna angihaqa, ngaficwa usizi lwasezweni labafileyo, ngabanjwa zinhlupheko ngaqatha umunyu.

4Ngabiza igama likaSimakade ngathi: “Simakade ngisindise ukuphila kwami! ”

5USimakade unesihe ulungile, uNkulunkulu wethu unobubele.

6USimakade uyamlondoloza ongenabani, wangisindisa lapho ngidangele ngilusizi.

7Nhliziyo yami, yiba nokuthula ungaxokozeli, uSimakade ungenzele izinto ezinhle.

8Wahlenga umphefumulo wami ekufeni, ukuba amehlo angacimbi izinyembezi, ukuba izinyawo zami zingakhubeki.

9Ngiyohamba phambi kobuso bukaSimakade ngiphakathi kwabasaphila emhlabeni.

10Ngangikholwa, kungakho ngakhuluma nje, mina engangihlupheke kakhulu,

11nalapho sengishaywe uvalo ngathi: “Abantu bonke banamanga aluhlaza.”

12Kodwa ngizombonga ngantoni uSimakade ngezibusiso zonke angenzele zona na?

13Ngiyophakamisa indebe yosindiso, ngibize igama likaSimakade.

14Ngiyofeza izifungo zami kuSimakade ngimi phambi kwabantu bakhe bonke.

15Kuyigugu elikhulu kuSimakade ukufa kwabangcwele bakhe.

16Simakade, mina ngiyinceku yakho, inceku ezalwa yincekukazi yakho, uzigqabulile izintambo ebezingibophile.

17Ngiyonikela ngomhlatshelo wokukubonga, ngibize igama likaSimakade.

18Ngiyofeza izifungo zami kuSimakade ngimi phambi kwabantu bakhe bonke,

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19ngisemagcekeni endlu kaSimakade, ngiphakathi kwezingange zaseJerusalema.
Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 117

Elokubonga uthando lukaSimakade

1Dumisani uSimakade nina zizwe zonke, nina zinhlanga mbabazeni ngothi lwenu!

2Lukhulu uthando lwakhe asithanda ngalo, nokwethembeka kukaSimakade
kuhleli phakade. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 118

Elokubonga insindiso kaSimakade

1Bongani uSimakade ngoba unomusa, unesihe sothando lwaphakade.

2AbakwaIsrayeli abavume bathi: “Unesihe sothando lwaphakade.”

3Abendlu ka-Aroni abavume bathi: “Unesihe sothando lwaphakade.”

4Abamesabayo uSimakade abavume bathi: “Unesihe sothando lwaphakade.”

5Ngakhala kuSimakade ngisosizini, wangizwa wangiphendula wangikhulula.

6USimakade umi nami angesabi, owasemhlabeni angangenzani na?

7USimakade umi nami ungumsizi wami, ngiyobabuka abangizondayo ngename.

8Kungcono ukubalekela kuSimakade kunokwethembela kumuntu womhlaba.

9Kungcono ukubalekela kuSimakade kunokwethemba ezikhulwini.

10Abezizwe bangihlanganyele bonke, ngegama likaSimakade ngobacekela phansi.

11Bangihaqile, yebo bangihaqe nxazonke, ngegama likaSimakade ngiyobachitha.

12Bangibunganyele njengequlo lezinyosi, bayocinywa njengomlilo wezinswani,
ngegama likaSimakade ngiyobachitha.

13Ngihlohlolozwe kabi kuthiwa ngiyawiswa, kepha uSimakade waba ngumsizi
wami.

14Ngihuba ngoSimakade ongamandla ami, nguyena kanye owangisindisayo.

15Abalungileyo bezwakala emakhaya behuba bejabulela insindiso bethi:
“Esokunene sikaSimakade sigile izimanga,

16esokunene sikaSimakade sinqobile, esokunene sikaSimakade senza izimanga.”

17Angikazukufa mina kodwa ngisazophila, kengibabaze imisebenzi kaSimakade.

18USimakade wangishaya kabuhlungu, kodwa akavumanga nami ukuba ngife.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

19Ngivuleleni amasango kaSokulunga wokulunga, ngongena ngawo ngidumise uSimakade.

20Yilo leli isango eliya kuSimakade, abalungileyo bayongena ngalo.

21Simakade, ngiyakubonga wena ngoba wangiphendula, nguwena kanye owangisindisayo.

22Itshe lokwakha elenqatshwa ngabakhi bethi liyinto engenamkhuba, kwaba yilona sisekelo njengensika ephase indlu.

23Lokhu kwenziwa nguSimakade, kuyasimangalisa kakhulu ukukubona.

24Yilolu usuku alwenzile uSimakade, asijabule sithokoze ngalo!

25Simakade sisize usisindise! Simakade sisize usichumise!

26Akabusiswe ongena lapha , abusiswe ngegama likaSimakade; sinicelela lokho endlini kaSimakade.

27USimakade unguNkulunkulu uSomandla, wasipha ukukhanya wasikhanyisela. Hlabani ihele lomkhosi nizungeze, niphethe amahlamvu ngezandla zenu nize nifike ezimpondweni zelathi!

28Somandla, nguwe uNkulunkulu wami, ngiyokubonga; Nkulunkulu wami ngokutusa ngikuphakamise.

29Bongani uSimakade ngoba unomusa, unesihe sothando lwaphakade.

AmaHubo 119

1

1Babusisiwe abahamba ngobuqotho, ngendlela yemfundiso kaSimakade.

2Babusisiwe abagcina iziyalo zakhe, abafuna ukumkhonza ngenhliziyo yonke.

3Impela kabakwenzi okungalungile, balokhu behamba ngendlela yakhe.

4Nguwe owashaya imithetho yakho nce siqikelele njalo ukuyigcina.

5Sengathi bezingaqonda izindlela zami, ngilandele izimiso zomthetho wakho!

6Angisoze neze ngitheleke amahloni uma ngiqikelela yonke imiyalelo yakho.

7Ngiyokubonga ngenhliziyo ethembekileyo lapho ngifunda izinqumo zakho eziqotho.

8Ngiyogcina izimiso zomthetho wakho, sengathi ungengifulathele unomphelo!

2

9Ibhungu lingenze njani ukuba lizithibe, ligcine indlela yalo ibe msulwa na? Ngokuqaphela ukuhamba ngokwezwi lakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

10Ngikufuna wena ngenhliziyo yonke, mus' ukuvuma ngichezuke emiyalweni yakho!

11Enhliziyweni yami ngilondoloza okushoyo ukuba ngingenzi lutho oluphambene nawe.

12Awubongwe udunyiswe Simakade! Ngifundise izimiso zomthetho wakho!

13Ngezindebe zomlomo wami ngiyabalandisa ngazo zonke izinqumo ozibekileyo.

14Ngithokoza ngokuhamba ngobufakazi bakho okunjengokuthokoza ngengcebo yonkana.

15Ngiyozindla ngemithetho yakho efundiswayo, ngazise ubuqotho bezindlela zakho!

16Mina ngiyozijabulisa ngezimiso zakho, izwi lakho angisoze ngalikhohlwa.

3

17Phatha ngomusa inceku yakho ukuze iphile, yikhona iyogcina izwi lakho.

18Ngivule amehlo ukuze ngizibonele izimangaliso ezisemfundisweni yakho!

19Ngingumhambi kuleli lasemhlabeni, mus' ukungifihlela imiyalo yakho ngingayazi!

20Inhliziyo yami kuthi ayiqhume, ilokhu ilangazelela izinqumo zakho.

21Ubakhuzile abazidlayo abaqalekisiweyo, abaphambukayo emiyalweni yakho.

22Susa kimi lelichilo nokwedelelwa ngoba ngibugcinile ubufakazi bakho.

23Nakuba izikhulu zingakhela uzungu, nokho inceku yakho izindla ngezimiso zakho.

24Ubufakazi bakho buyangijabulisa, buyangiqondisa bungumeluleki wami.

4

25Ngilele phansi ngithe ja othulini; ngivuselele wena njengokwezwi lakho!

26Ngazivuma kuwe izindlela zami wangizwa; ngifundise izimiso zakho!

27Ngifundise ukuyiqonda indlela yomthetho wakho, yikhona ngozindla ngezimangaliso zakho.

28Izinyembezi zami ziyokophela ngaphakathi; ngilulamise njengesethembiso sezwi lakho!

29Nginqande ngingahambi ngokungeyikho, ngomusa wakho ngifundise umthetho wakho!

30Sengiziqokele ukuhamba ngokwethembeka, nginevuso lokuqaphela izinqumo zakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

31Ngibambelele impela ebufakazini bakho, Simakade ungangijabhisi ngidumazeke!

32Ngiyoshisekela imiyalo yakho ngiyilalele, ngoba ukuqonda kwami kwandiswa nguwe.

5

33Simakade, ngifundise ukuqonda izimiso zakho, ngiyozigcina kuze kube sekupheleni.

34Ngichasisele imfundiso yakho ngiyigcine, ngiyilonde ngenhliziyo yami yonke!

35Ngihambise endleleni yemiyalo yakho, ngokubanini ukujabula kwami kukuyo.

36Ngifundise ukuthanda ubufakazi bakho, ngingahaheli inzuzo engemthetho!

37Amehlo ami awanganamatheli kokuyize, kodwa ngiqinise nqi endleleni yakho.

38Feza encekwini yakho isethembiso owasenza wasiqondanisa nabakwesabayo!

39Gudluza lesisihlamba engisesaba kabi, ngoba zinhle zidelile izinqumo zakho.

40Ngiyilangazelela kabi imithetho yakho! Ngivuselele ngoba wena ulungile!

6

41Nkosi ngikhombise uthando lwakho, ungisindise njengokwesethembiso sakho,

42yikhona ngophendula ongiklolodelayo njengalokhu ngethembela ezwini lakho.

43Mangikhulume izwi lakho leqiniso njalo, ngoba ithemba lami limi ngezinqumo zakho.

44Yikhona ngiyogcina imfundiso yakho, ngiyigcine njalo phakade naphakade,

45ngihambe ngikhululekile ngingathiywa, ngoba ngizamile ukuhlonipha imithetho yakho.

46Ngiyokhuluma ngezimiso zakho emakhosini, ngikhulume phambi kwawo ngingazenyezi.

47Ngiyozijabulisa ngemiyalo yakho ingenamise, ngokubanini ngiyithanda kakhulu.

48Ngiphakamisa izandla zami ngiyazithoba, ngilangazelela imiyalo yakho engiyithandayo, ngiyozindla ngezimiso zomthetho wakho.

7

49Khumbula izwi owalethembisa encekwini yakho, ngoba ungenzile ngahlala nginethemba.

50Lokhu kwangiduduza ngisosizini, owakushoyo kwangivuselela ngaphila.

51Izonakali ziyangedelela zingihleka usulu, nokho angichezuki emfundisweni yakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

52Ngikhumbula izahlulelo zakho kwasendulo, yizo engiziduduza ngazo Nkosi.

53Ngithukuthela ngigane unwabu ngenxa yababi abahlubuka emthethweni wakho.

54Izimiso zakho zingamahubo engiwahubayo ngisemajukujukwini kude nekhaya lami.

55Nasebusuku ngicabanga ngegama lakho, ngigcina imfundiso yakho Simakade.

56Mina ngiyabusiseka ngalokhu ukuthi ngiyigcinile imithetho yakho.

8

57Uyisabelo sefa lami Simakade, ngizimisele ukuwalonda amazwi akho.

58Ngiyakunxusa ngenhliziyo yami yonke, ngihawukele ube nesihe njengokusho kwakho!

59Ngizindlile ngabuka ukuhamba kwami, ngizophenduka ngilandele ubufakazi bakho.

60Ngiyaphangisa angilibali neze, ngiphuthuma ukugcina imiyalo yakho.

61Izonakali zingizungelezela ngesihibe, nokho imfundiso yakho angiyikhohlwa.

62Ngivuka kwesikabhadakazi ngikubonge ngenxa yezinqumo zakho ezilungileyo.

63Ngimdibi munye ngikanye nabakwesabayo kanye nalabo abagcina imithetho yakho.

64Umhlaba ugcwele uthando lwakho Nkosi, ngifundise wena izimiso zakho!

9

65Uyiphathile ngomusa inceku yakho njengesethembiso sezwi lakho Simakade.

66Ngiphe ukuhlakanipha nolwazi, ngoba ngethembela emiyalweni yakho.

67Ngingakahlupheki ngangihleze ngeduka, kepha manje ngiyazigcina iziyalo zakho.

68Wena ulungile wenza okuhle; ngifundise ngizazi izimiso zakho!

69Izedeleli zezonakali zingiphothela ilumbo, kepha ngigcina imithetho ngenhliziyo yonke.

70Inhliziyo yazo ilukhuni isalitshe, mina ngithokoziswa yimfundiso yakho.

71Kwaba kuhle kimi ukuba ngihlupheke khona ngizoziqonda kahle izimiso zakho.

72Imfundiso yakho inkulu kimi kunenqwaba yegolide nesiliva.

10

73Wangidala wangibumba ngezandla zakho, ngiphe ukuqonda ngifunde imiyalo yakho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

74Abakwesabayo bayojabula lapho bengibona, ngoba ithemba lami lisezwini lakho.

75Ngiyazi ukuthi izahlulelo zakho ziqotho, wangijezisa ngokwethembeka Nkosi yami.

76Mangiduduzwe uthando lwakho lwafuthi njengesethembiso sakho encekwini yakho.

77Ngihawukele ube nesihe ukuze ngiphile, ngoba imfundiso yakho iyangithokozisa.

78Izedeleli zezonakali azehlelwe ngamahloni, ngoba zingibeka icala ngokungemthetho; mina ngiyozindla ngemithetho yakho.

79Ababuyele ngakimi abakwesabayo, ngisho labo abazi ubufakazi bakho.

80Angigcine izimiso zakho ngenhliziyo yonke ukuze ngingehlelwa ngamahloni ngihlazeke!

11

81Umoya wami ulangazelela insindiso yakho, ithemba lami lonke likulo izwi lakho.

82Mina sengize ngaba mehlwana, ngenziwa ukulangazelela okushoyo, ngibuza ngithi: “Uyongiduduza nini? ”

83Sengiyigxaba lemvaba selalala umule, nokho angizikhohlwa izimiso zakho.

84Inceku yakho yolindela kuze kube nini? Uyolinquma nini elalaba abangizingelayo?

85Izedeleli zezonakali zingimbele igebe, bona laba abaphambene nomthetho wakho.

86Imiyalo yakho yethembekile yonke; ngisize nampa bengizingela ngingenacala!

87Bacishe bangisudukisa emhlabeni, kepha angiyiyekanga imithetho yakho.

88Ngivuselele ngothando lwakho lwafuthi ukuze ngigcine ubufakazi bomlomo wakho!

12

89Simakade izwi lakho limi njalo, liqinile ungunaphakade kweliphezulu.

90Kuyofa abantu kusale ukwethembeka kwakho; umhlaba owawumisayo usemi uthe zime.

91Kusemi nanamuhla ngokwezinqumo zakho, konke okukhona kumele kukukhonze.

92Ukuba bengingazenamisi ngemfundiso yakho bengiyofa ngifele ekuhluphekeni kwami.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

93Angisoze ngayikhohlwa imithetho yakho, ngoba wangivuselela ngayo ngaphila.

94Mina ngingowakho, ngalokho ngisindise, ngoba ngizama ukuhlonipha imithetho yakho.

95Izonakali zingiqamekela ukuba zingibulale, kepha ngiqaphelisisa ubufakazi bakho.

96Angibonanga lutho oluphelele ncimishi, ngumyalo wakho kuphela ongenamkhawulo.

13

97Angiyithandi khona imfundiso yakho! Ngizindla ngayo lize liyoshona.

98Imiyalo yakho ihlala kimi nanini, ingenza ngihlakaniphe kunezitha zami.

99Ukuqonda kwami kwedlula okwabangifundisayo, ngoba ngizindla njalo ngobufakazi bakho.

100Ulwazi lwami lwedlula olwabadala, ngokuba ngigcina imithetho yakho.

101Ngiyazexwaya zonke izindlela ezimbi, ngoba ngifuna ukulalela izwi lakho.

102Izinqumo zakho angichezukanga kuzo, ngoba nguwe ongifundise zona.

103Amazwi akho amnandi ayahlwabusa, anambitheka kamnandi kunoju lwezinyosi.

104Ngizuza inhlakanipho emithethweni yakho, ngakhoke ngizonda yonke indlela embi.

14

105Izwi lakho liyisibani lapho ngihamba, ubhaqa olungikhanyisela endleleni.

106Ngifunge ngagomela ngazibophezela ukugcina izinqumo zakho ezilungileyo.

107Simakade ngihlupheke okwedlula ukwenza, ngiqinise ngokwezwi lesethembiso sakho!

108Nkosi yemukela izibongo zomlomo wami enginikela ngazo ngomoya ovumayo; ngifundise ukwazi izinqumo zakho!

109Umoya wami usengozini malangonke, nokho angikhohliwe yimfundiso yakho.

110Izonakali zingicuphe ngezihibe, nokho angichezuki emithethweni yakho.

111Ubufakazi bakho buyifa lami naphakade, ngoba buthokozisa inhliziyo yami.

112Ngizimisele ukugcina izimiso zakho, ngonamathela kuzo kuze kube sekupheleni.

15

113Ngiyabazonda labo abanhliziyombili, kepha ngiyayithanda imfundiso yakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

114Wena uyisiphephelo nesihlangu sami, ngethembela ezwini lesethembiso sakho.

115Dedani kimi nina zigilamkhuba nce ngigcine imiyalo kaNkulunkulu wami!

116Ngisimamise ngezwi lakho ukuze ngiphile, ungangidumazi ngihlazeke ethembeni lami!

117Yiba ludondolo lwami ukuze ngisindiswe, yikhona ngozindla njalo ngezimiso zakho.

118Uchitha bonke abachezuka ezimisweni zakho, ngoba ubuqili babo buyinkohliso eyize.

119Zonke izoni zomhlaba uzichitha njengezibi, ngakhoke ngiyabuthanda ubufakazi bakho.

120Ukwesaba wena kuyangithuthumelisa, izinqumo zakho ngiyazesaba kabi.

16

121Ngikwenzile okungukulunga nokuqotho, ungangiyekeleli kubantu abangicindezelayo!

122Mela inceku yakho isimame kahle, zingangicindezeli izedeleli zezonakali!

123Mina sengize ngaba mehlwana ngenxa yokulindela insindiso yakho, ngilangazelela amazwi akho okulunga.

124Phatha inceku yakho ngomusa nangothando, bese ungifundisa izimiso zakho!

125Ngiyinceku yakho, ngivule umqondo, ungifundise ukwazi ubufakazi bakho!

126Sekuyisikhathi sokuba usebenze Nkosi, baweqile umthetho wakho bawululaza.

127Ngakhoke ngiyayithanda imiyalo yakho kunegolide, yebo, kunegolide elicoliweyo.

128Imithetho yakho ngiyibona ilungile yonke, ngiyayizonda yonke indlela yenkohliso.

17

129Ubufakazi bakho bumangalisa kakhulu, ngakhoke ngibugcina ngenhliziyo yonke.

130Ukwambuleka kwamazwi akho kuyakhanyisa, nongebani abe nokuqonda.

131Ngiphethwe yinkwankwa yokulangazelela ukuba ngifunde imiyalo yakho.

132Phendukela ngakimi ungihawukele, njengoba wenza kwabathanda igama lakho.

133Qondisa izinyathelo zami ngeziyalo zakho ukuba ububi bungangibusi nakanye.

134Ngihlenge kubantu abangicindezelayo, yikhona ngolalela imithetho yakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

135Buka inceku yakho ngobuso obunomusa, bese ungifundisa izimiso zakho!

136Izinyembezi zami zehla njengomfula, ngoba kabayigcinanga imfundiso yakho.

18

137Nguwena Simakade olungileyo, izahlulelo zakho ziqotho zilungile.

138Imithetho yakho wayikhipha ngokulunga nangokwethembeka okwedlula ukwenza.

139Ukukushisekela kungidle kwangiqeda, ngoba izitha zami zedelela iziyalo zakho.

140Amazwi akho athembeke ngokupheleleyo, inceku yakho iwathanda ngeqiniso.

141Ngingomncinyane nowedelelekileyo futhi, nokho angikhohliwe yimithetho yakho.

142Ukulunga kwakho kungokwaphakade, nemfundiso yakho iyiqiniso elimsulwa.

143Zingificile izinhlupheko nosizi, kepha imiyalo yakho iyangithokozisa.

144Ubufakazi bakho bulungile unaphakade; ngiphe ukuqonda ukuze ngiphile!

19

145Ngikhala kuwe Nkosi ngenhliziyo yonke; ngizwe, yikhona ngogcina izimiso zakho.

146Ngiyazikhalela kuwe, ngisindise, khona-ke ngolonda ubufakazi bakho.

147Ngivuka kuseluvivana ngicele usizo, ithemba lami lonke lisezwini lakho.

148Ngihlala ngiqwashile nakwesikabhadakazi ukuba ngizindle ngesethembiso sakho.

149Yizwa ukukhala kwami ngesihawu sakho, ngiqinise Nkosi ngokwezinqumo zakho!

150Abangizingelayo bahlose ububi bayasondela; baqhelile bakude nemfundiso yakho.

151Kepha wena Simakade useduze nami, yonke imiyalo yakho iyiqiniso isibili.

152Iziyalo zakho zangifundisa kudala ukuthi zamiswa nguwe ungunaphakade.

20

153Bheka usizi lwami ungikhulule kulo, ngoba angikhohliwe yimfundiso yakho.

154Ngiphendulele ngithethwe yicala, ngivuselele njengokusho kwakho!

155Insindiso ikude nabonakeleyo, ngoba kabanandaba nezimiso zakho.

156Ububele bakho bukhulu Simakade; ngivuselele njengokwezinqumo zakho!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

157Baningi abangizingelayo nabamelene nami, kepha angichezukanga ebufakazini bakho.

158Ngiyanengwa uma ngibona abakuhlubukayo, ngoba kabazishayi mkhuba iziyalo zakho.

159Ngiyayithanda imithetho yakho Nkosi; ngivuselele ngesihe sothando lwakho!

160Umongo wezwi lakho uyiqiniso impela, nezinqumo zakho zonke ezilungileyo zimi phakade naphakade.

21

161Noma izikhulu zingizingela ngingenacala, kepha engikwesabayo yizwi lomthetho wakho.

162Ngithokoza nokuthokoza ngamazwi akho, nginjengalowo obuya nempango enkulu.

163Ngiyawazonda amanga ngiyawenyanya, kepha ngiyayithanda imfundiso yakho.

164Ngikudumisa kasikhombisa malangonke ngenxa yezahlulelo zakho ezilungileyo.

165Banokuthula abathanda imfundiso yakho, akukho lutho oluyokubakhubekisa.

166Ngilulindele usindiso lwakho Simakade, ngiyilonda ngokupheleleyo imiyalo yakho.

167Inhliziyo yami igcina ubufakazi bakho, ngibuthandela ukufa nokuphila.

168Ngigcina imithetho yakho nobufakazi bakho, izindlela zami zonke uyazazi.

22

169Ukukhala kwami makufike kuwe Nkosi, ungiphe ukuqonda njengokusho kwakho!

170Ukukunxusa kwami akufinyelele kuwe, ungisindise njengokwethembisa kwakho!

171Izindebe zami azishumayele udumo lwakho, ngoba ungifundisa ukwazi izimiso zakho.

172Umlomo wami awudumise izwi lakho, ngokuba yonke imiyalo yakho ilungile.

173Isandla sakho asicuphele ukungisiza, ngokuba ngizikhethele imithetho yakho.

174Ngilangazelele insindiso yakho Nkosi, imfundiso yakho ingijabulisa kakhulu.

175Umoya wami awuphilele ukukudumisa, izinqumo zakho zibe usizo kimi!

176Ngidwanguzela njengemvu elahlekileyo, woza uzongifuna mina nceku yakho, ngoba angikhohliwe yimiyalo yakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 120

Elokucela ukuhlengwa kwabakhohlisayo

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Ngazikhalela kuSimakade ngisosizini, okuthe nginxusa wangiphendula.

2Ngihlenge kwabanamanga Simakade, kulaba abalulimi lukhohlisayo!

3Wena lulimi oluhlebayo olukhohlisayo, ngabe uyakwazi nje okuzokwehlela nokuthi uyojeziswa kanjani na?

4Ngemicibisholo ebukhali yeqhawe nangamalahle avuthayo omtholo.

5Yek' okwami! Nginjengodingiselwe emajukujukwini ezweni lakwaMesheki, ogwadule emadlangaleni akwaKheda.

6Umoya wami usudiniwe kwenela ukuhlalisana nabangaluthandi uxolo.

7Mina ngizithulele angiqali muntu, kepha nxa ngikhuluma bayimpi bona.

AmaHubo 121

USimakade ungumlondolozi wakho

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Ngenyusa amehlo ngisinga izintaba, usizo lwami luyovelaphi na?

2Usizo lwami luvela kuSimakade, yena owenza izulu nomhlaba.

3Akaluvumeli unyawo lwakho lushelele, umlondolozi wakho akakaze ozele.

4Phinde, akozeli akalali yena mlondolozi kaIsrayeli.

5Nguye uSimakade okulondolozayo, uSimakade ungumthunzi ngakwesokunene sakho.

6Ilanga alisoze lakuhangula emini, uthwetshulwe unyezi nasebusuku.

7USimakade. uyokuvikela kukho konke okubi, bese ekulondolozela ukuphila kwakho.

8USimakade uyokwalusa lapho uphuma nalapho futhi ungena, manje naphakade kwaphakade.

AmaHubo 122

Elokucelela iJerusalema ukuthula

Iculo lapho kuyiwa emkhosini; elikaDavide.

1Ngathokoza nokuthokoza mhla bethi kimi; “Asihambe siye endlini kaSimakade! ”

2Manje sinyathela ngaphakathi emasangweni akho wena Jerusalema.

3Yek' umuzi waseJerusalema! Wakhiwe wayinxuluma elithotheneyo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Kwenyukela kuwo imindeni, kwenyuka imindeni kaSimakade iyodumisa igama
likaSimakade. njengoba yena ayala uIsrayeli.

5Kukhona lapho izigcawu zokwahlulela, izigcawu zabendlu yenkosi uDavide.

6Thandazelani ukuthula kweJerusalema! Wena Jerusalema, abakuthandayo
abachume banethezeke,

7kube nokuthula nenhlalakahle ngaphakathi kwezingange zakho nasezigodlweni
zakho zobukhosi!

8Ngenxa yabazalwane nabangane bami ngithi: “Akuvame ukuthula phakathi
kwakho! ”

9Ngenxa yendlu kaSimakade uNkulunkulu wethu mina ngikucelela izilokotho
zodwa.

AmaHubo 123

Elokucela ukuhawukelwa

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Ngenyusa amehlo ngibheka kuwe, wena osesihlalweni sobukhosi ezulwini.

2Yebo, njengezinceku zigqolozile zibheke isandla samakhosi azo namehlo
encekukazi enamathele ebheke isandla senkosikazi yomuzi, kanjalo namehlo ethu
alindile abheke kuSimakade uNkulunkulu wethu aze abe nomusa kithi
asihawukele.

3Sihawukele Nkosi, sihawukele, isicikile indelelo kwenela.

4Sesuthi imibhinqo yabanethezekileyo, isidinile indelelo yabaziqhayisayo.

AmaHubo 124

Elokubonga ukukhululwa ezitheni

Iculo lapho kuyiwa emkhosini; elikaDavide.

1Ukuba wayengengakithi uSimakade — vumani bo, Israyeli! —

2ukuba wayengengakithi uSimakade nxashana abantu besivukela

3ngabe basishwabadela sizwa, basivuthela ngolaka lwabo.

4Ngabe semuka nomsinga, sagajwa yisikhukhula saminza,

5ngabe seqiwa yisihlambi, seza phezu kwethu sacwila.

6Akabongwe uSimakade ongasiyekelelanga ukuba basinephule ngamazinyo!

7Thina saphunyuka sabaleka sanjengenyoni idlubha ogibeni. Lugwabukile ugibe
lwabacuphi, sasinda-ke saphunyula.

8Sisizwa yigama likaSimakade, yena menzi wezulu nomhlaba.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 125

USimakade ubiyele isizwe sakhe

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

[1]Labo abethembela kuSimakade bafana nentaba iZiyoni, yona ingenakuzanyazanyiswa elokhu imi phakade naphakade.

[2]Njengezintaba ziphahle iJerusalema, noSimakade ubiyele abantu bakhe manje naphakade kwaphakade.

[3]Isonakali esisesihlalweni sobukhosi kasiyikuqhubeka silibuse izwe eliyisabelo sefa labalungileyo hleze nabo bangaze bonakale.

[4]Simakade, baphathe kahle abenza okuhle abanhliziyo yabo imi ngobuqotho!

[5]Simakade, baxoshe kanye nezigilamkhuba laba abaphambuka endleleni yakho bethatha izindlela zabo ezimazombe! Akube khona ukuthula kwaIsrayeli!

AmaHubo 126

Elokubonga ukuhlengwa

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

[1]Mdla uSimakade ebuyisa abathunjwa, eletha neno abathunjiweyo baseZiyoni, safana nabantu abaphuphayo.

[2]Kwaqhuma uhleko emilonyeni yethu, sahleka kwaze kwavela elomhlathi, saqhulula izibongo sihayiya. Bezwakala abezizwe bethi ngathi: “USimakade kukhulu abenzele khona! ”

[3]Yebo, lukhulu ulwenzile kithi Nkosi, sajabula lokhu okungakhulumekiyo.

[4]Ake siphinde sinethezeke Simakade, ngemigobhozo esamvula yezibusiso zemingenela emihosheni yaseNegevu .

[5]Ababehlwanyela bekhala izinyembezi bayovuna bahlokome ngenjabulo.

[6]Bayophuma bahambahambe belila, besingethe iziqabetho zembewu, bayobuya futhi behlokoma ngenjabulo bephethe amahlukuzo esivuno.

AmaHubo 127

Impumelelo ivela kuSimakade

Iculo lapho kuyiwa emkhosini; elikaSolomoni.

[1]Uma uSimakade engayakhi indlu bashikashikeka ubala abayakhayo. Uma uSimakade engawulondolozi umuzi kuyize ukuqapha kogqayinyanga.

[2]Nikhandlekela ubala nina lapho nivuka kusempondozankomo nephuze nokubeka uhlangothi phansi nidle isinkwa sokukhandleka, ngoba uSimakade ubabusisa abadelise noma besaphumule labo asuke ebathanda.

[3]Abantwana bayisipho esivela kuSimakade, inzalo yowesifazane iyisibusiso.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

4Amadodana owazala ebusheni bakho akhula bese efana nemicibisholo exhakwa yiqhawe lihlome ngayo.

5Kuhle kudelile kuleyondoda emgodla wayo ugcwele leyomicibisholo. Laba kabayukunyobozela neze nxa bebhekene nezitha zabo esigcawini.

AmaHubo 128

Uyabusiswa lowo omesabayo uSimakade

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Babusisiwe abamesabayo uSimakade, abahamba ngesu leziyalo zakhe.

2Uyokudla amandla ezikhwepha zakho, ubusiswe kukuhambele kahle konke,

3umkakho abe njengomvini othelayo ehlezi ngaphakathi emzini wakho, abantabakho bangunge ugqoko lwakho, bahlume njengezithombo zomhlwathi.

4Impela, iyobusiswa kanjalo leyondoda emesabayo uSimakade.

5Akubusise uSimakade eseZiyoni, ubone ukuchuma kweJerusalema imihla yonke yokuphila kwakho, uze udle izinyoni zabazukulu bakho! Akube khona ukuthula kwaIsrayeli!

AmaHubo 129

Elokucela ukuba kuchithwe izitha zeZiyoni

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Bangihlupha kakhulu kwasebusheni bami — shonini bo, Israyeli! —

2bangihlupha kakhulu kwasebusheni bami, kepha nokho abangehlulanga neze.

3Bangixebula umhlane ngesiswebhu, kwaphambana imivimbo njengemisele idatshulwa ngabalimi emasimini.

4Ulungile uSimakade, wangikhulula, wanqamula izibopho zabangigqilazayo.

5Bonke abazonda iZiyoni abafojiswe behlelwe ngamahloni badungulwe,

6babe njengotshani obuzimilela edwaleni obuthathe bubune bungakasishulwa,

7kungekho muntu obusikayo abuqoqe nobubopha izithungu azithwale.

8Khona abedlula ngendlela bengeke basho kubo bathi: “Isibusiso sikaSimakade asehlele kini; sinicelela sona ngegama likaSimakade.”

AmaHubo 130

Elokwethemba ukuthi uSimakade uyosihlenga

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Wo Simakade! ngikhala kuwe ngisezinzulwini zozwa!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Nkosi yami, yizwa ukunxusa kwami, ubeke indlebe, ungilalele, ungizwe nxashana
ngethula kuwe izikhalo zami!

3Simakade, ukuba wena usibalela izono zethu, ngubani ongema phambi kwakho
Nkosi na?

4Kepha wena uthethelela izono ukuba abantu bahlale bekwesaba.

5Ngilindele uSimakade ngenhliziyo yonke, ngibambelele ezwini lakhe
lesethembiso.

6Umoya wami wethembela eNkosini wedlula isineke sogqayinyanga begqolozele
ukufika kokusa, ogqayinyanga belindele ukuba kuse.

7Wena Israyeli thembela kuSimakade ngoba uSimakade unothando lwafuthi,
unamandla aphindiwe okusihlenga.

8Nguye ohlenga abakwaIsrayeli, abahlenge ezonweni zabo zonke.

AmaHubo 131

Ukududuzeka njengomntwana kuSimakade

Iculo lapho kuyiwa emkhosini; elikaDavide.

1Simakade inhliziyo yami kayizigabisi, angizazisi ngithwale amehlo; angizihluphi
ngezindaba ezijulile nangezinkinga ezehlula ukuqonda kwami.

2Inhliziyo yami ngiyithunduzele ngayiduduza njengomntwana elunyuliwe egonwe
ngunina, iduduzekile njengomntwana osewalunyulwa.

3Wena Israyeli thembela kuSimakade manje naphakade kwaphakade!

AmaHubo 132

Elokucelela ithempeli isibusiso

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Nkosi khumbula uDavide, ukhumbule nokukhathazeka kwakhe konke,

2njengoba afunga wagomela kuSimakade, wethembisa wathi kuSomandla
kaJakobe:

3“Ngeke ngilubhade endlini kwami, ngilale ecansini engilendlalelwe,

4amehlo ami ngeke abuthi qothu nezinkophe zami zisindwe ubuthongo

5ngingakamtholeli indawo uSimakade, ngimakhele umuzi uSomandla kaJakobe.”

6Sezwa ngomphongolo weNkosi siseBhetlehema, saye sawuthola esigodini
saseJeyarimu.

7Asihambe siye elawini likaSimakade, sikhothame esenabelweni sezinyawo
zakhe!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8Sukuma Simakade, uze endaweni yakho uphumule khona, wena nomphongolo
wesivumelwano okuyiwona obonisa amandla akho!

9Abaphristi bakho abahlome ukulunga, abangcwele bakho bahlokome
ngentokozo!

10Ungayichilizi inkosi oyigcobileyo, kodwa khumbula inceku yakho uDavide

11njengoba wenza isifungo nesethembiso, ongasoze wagwiqika kuso wathi:
“Ngiyokumisela ongowozalo lwakho oyobusa esihlalweni sakho sobukhosi.

12Uma abantabakho begcina isivumelwano neziyalo zami engabafundisa zona,
nabazukulu babo bayolandela babuse, babe sesihlalweni sobukhosi naphakade.”

13USimakade uliqokile iZiyoni, ukuba azinze kulo, uthi:

14“Yilapha ngiyophumula khona phakade, ngohlala lapha ngoba kuthande mina.

15Ngiyobusisa ukudla kwalo kuchume, abantulayo babo badle isinkwa badele.

16Ngohlomisa abaphristi balo ngensindiso, abangcwele balo bahlokome
ngentokozo.

17Ngiyohlumisa lapho uphondo losindiso, ingonyama iyovela kubantabakaDavide,
ngilungisele umgcotshwa wami isibani ukuba bukhanye njalo ubukhosi bakhe.

18Izitha zayo ngiyozithela ngamahloni, ekhanda layo kugqame uphaphe lwendwa.”

AmaHubo 133

Izibusiso zokuzwana kwabazalwane

Iculo lapho kuyiwa emkhosini; elikaDavide.

1Impela kuhle kabi kuyababazeka ukuhlalisana kwabazalwane bezwana.

2Kuhle kufana nomfuma wakwanokusho lapho uthelwa ekhanda lika-Aroni,
udambuluke wehlele esilevini sakhe, uconsele emphethweni wengubo yakhe.

3Kunjengombethe olala emagqumeni aseZiyoni, amazolo anjengawasentabeni
iHermoni. USimakade usehlisela lapho-ke isibusiso, ukuphila kwaphakade
naphakade.

AmaHubo 134

Abalinda ubusuku ethempelini ababonge uSimakade

Iculo lapho kuyiwa emkhosini.

1Wozani nimbonge uSimakade nonke nina zinceku zikaSimakade, nina enima
nilinde ubusuku nikhonza endlini kaSimakade!

2Phakamisani izandla zenu nikhuleke, nibonge uSimakade endlini engcwele!

3Akakubusise uSimakade eseZiyoni yena menzi wezulu nomhlaba!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 135

USimakade mkhulu, onkulunkulumbumbulu bayize

[1]Haleluya, dumisani uSimakade! Dumisani igama likaSimakade, nilidumise zinceku zikaSimakade

[2]nina enima endlini kaSimakade, nikhonza emabaleni kaNkulunkulu wethu!

[3]Haleluya, dumisani uSimakade, ngokubanini uSimakade unomusa, hubelani uSimakade ngoba kumnandi!

[4]USimakade waziqokela abakwaJakobe, abakwaIsrayeli baba yimpahla yakhe.

[5]Ngiyamazi uSimakade ukuthi mkhulu, iNkosi yethu iyabedlula onkulunkulu bonke.

[6]USimakade uzenzela lokho akuthandayo phezulu ezulwini kanye nasemhlabeni, olwandle nasezinzulwini zonkana.

[7]Nguye ohlomisa izulu lisithe ngamafu avela kude emikhawulweni yomhlaba, libaneke line isibhidli semvula. Nguye odedela isivunguvungu siphume endaweni lapho sikhwezwe khona.

[8]Wabhubhisa amazibulo aseGibhithe, awabantu nawezinkomo imbala.

[9]Wenza izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwakho lizwe laseGibhithe, zehlela uFaro nezinceku zakhe zonke.

[10]Wabhubhisa izizwe ngezizwe, wahlabana ngamakhosi ayiziqhwaga:

[11]wadla uSihoni inkosi yama-Amori, wadla no-Ogi owayebusa eBhashani, wadla amakhosi onke ayebusa kwaKhanana,

[12]walaba izwe labo laba yifa, laba yifa likaIsrayeli abantu bakhe.

[13]E Simakade! kuyofa abantu kusale igama lakho, ukhunjulwe yizizukulwane zilandelane.

[14]USimakade uyokwelekelela abantu bakhe, akhombise izinceku zakhe isihe.

[15]Onkulunkulumbumbulu basezizweni bakhandwa ngesiliva nangegolide, benziwa ngezandla zomuntu nje.

[16]Banemilomo kepha kayithi vu, banamehlo kepha ayizintundulu nje.

[17]Banezindlebe kepha azitholi, akukho mphefumulo emilonyeni yabo.

[18]Mabafuze izithixo abazenzileyo bonke laba abethembela kuzo!

[19]Nina bendlu kaIsrayeli bongani uSimakade, nani bendlu ka-Aroni bongani uSimakade!

[20]Nina bendlu kaLevi bongani uSimakade, nani enimesabayo bongani uSimakade!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

21Bongani uSimakade niseZiyoni, niseJerusalema eliyikhaya lakhe! Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 136

Elokubonga isihe sothando lukaSimakade

1Bongani uSimakade ngoba unomusa, unesihe sothando lwaphakade,

2nibonge uNkulunkulu wonkulunkulu, unesihe sothando lwaphakade,

3nibonge oyiNkosi yamakhosi, unesihe sothando lwaphakade.

4Nguye yedwa ogila izimanga ezinkulu, unesihe sothando lwaphakade.

5Wenza izulu ngobuhlakani, unesihe sothando lwaphakade.

6Wendlala umhlaba waphakama kunamanzi, unesihe sothando lwaphakade.

7Wenza izikhanyiso ezinkulu, unesihe sothando lwaphakade,

8wenza ilanga ukuba libuse imini, unesihe sothando lwaphakade,

9inyanga nezinkanyezi kwabusa ubusuku, unesihe sothando lwaphakade.

10IGibhithe walibulalela amazibulo alo, unesihe sothando lwaphakade,

11wahola amaIsrayeli wawakhipha khona, unesihe sothando lwaphakade,

12ngesandla esinamandla nangezikhwepha, unesihe sothando lwaphakade.

13Wahlukanisa kabili uLwandle oluBomvu, unesihe sothando lwaphakade,

14wadabulisa uIsrayeli waluwela, unesihe sothando lwaphakade,

15waphosa kulo inkosi uFaro nempi yakhe, unesihe sothando lwaphakade.

16Wahola abantu bakhe ehlane, unesihe sothando lwaphakade,

17wabhubhisa amakhosi ayiziqhwaga, unesihe sothando lwaphakade.

18Wabulala amakhosi adumileyo, unesihe sothando lwaphakade,

19wadla uSihoni inkosi yama-Amori, unesihe sothando lwaphakade,

20wadla no-Ogi owayebusa eBhashani, unesihe sothando lwaphakade,

21walaba izwe labo laba yifa, unesihe sothando lwaphakade,

22laba yifa likaIsrayeli inceku yakhe, unesihe sothando lwaphakade.

23Wasikhumbula mhlazana sinqotshiwe, unesihe sothando lwaphakade,

24wasikhulula ekugqilazweni yizitha zethu, unesihe sothando lwaphakade.

25Wondla abantu nezilwane imbala, unesihe sothando lwaphakade.

26Bongani uMvelinqangi osezulwini, unesihe sothando lwaphakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 137

Isililo sabadingiselwe eBhabhiloni

1Sahlala ngasemifuleni yaseBhabhiloni, salila lapho sikhumbula iZiyoni.

2Saphanyeka izingubhu zethu emagatsheni eminyezane yalapho,

3ngoba abasithumbayo bathi asibaculele nabasigqilazayo babefuna sibatekulele bathi: “Siculeleni libe linye laseZiyoni! ”

4Singalihuba kanjani elikaSimakade sihleli lapha kwelabezizwe na?

5Uma ngikhohlwa uwena Jerusalema okungcono isandla sami sokunene singamane sife umuzwa sibune.

6Ulimi lwami lunganamathela olwangeni uma ngingakukhumbuli wena Jerusalema, ngingakwazisi wena gugu lami lamagugu!

7Simakade khumbula uEdomu ukuthi msukwana lichithwa iJerusalema bagidagida bathi: “Dilizani, dilizani, niqothe imbokodo nesisekelo! ”

8Wena muzi waseBhabhiloni uyochithwa. Uyadela lowomuntu oyophindisa kuwe akujezise ngenxa yezenzo zakho kithi,

9athathe usana lwabantwana bakho aluphahlaze edwaleni luphihlizeke.

AmaHubo 138

Elokubonga umusa kaSimakade

ElikaDavide.

1Ngiyakubonga Simakade ngenhliziyo yonke, ngikubongela bebukela onkulunkulu,

2ngikhothamela ethempelini lakho elingcwele, igama lakho ngilithopha ngezibongo, ngoba unothando lwafuthi uthembekile. Uliphakamisile izwi lakho negama lakho, laba nedumela ngaphezu kwakho konke.

3Mhla nginxusa wangizwa wangiphendula, waqinisa umoya wami ngaba namandla.

4Simakade, amakhosi onke omhlaba ayokubonga lapho esezwile isethembiso owasishoyo,

5ahaye ihubo ngemisebenzi kaSimakade, ngoba bukhulu ubukhosi bukaSimakade.

6Nakuba uSimakade ephakeme kangakaya, nokho uyabanaka abazibeke phansi, abazidlayo ubazi kahle esekudeni.

7Noma ngihamba ngihaqwe yizinhlupheko, wena ukuhlenga kahle ukuphila kwami, uyangivikela Somandla olakeni lwezitha, ungophule ngesandla sakho sokunene.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

8USimakade uyokufeza akuhlose ngami. Nkosi, unesihe sothando lwaphakade,
ungakulahli okungumsebenzi wezandla zakho!

AmaHubo 139

USimakade owazi konke ukhona ezindaweni zonke

Elethulwe kumculisi; elikaDavide; ihubo.

1Simakade ungihlolisisile uyangazi,

2wena ungazi ukusuka nokuhlala, uqonda imicabango yami usemajukujukwini.

3Ucwaninga ukuhamba kwami nokulala kwami, wazana nezindlela zami ngothi
lwazo.

4Ngingakaqali nakukhuluma gama wena Nkosi usuyazi ngokupheleleyo.

5Ungihaqile, ukhona emuva nangaphambili, wena ungisibekele ngesandla sakho.

6Lolulwazi lwakho ngami luyangehlula, ukujula kwalo kungiqeda amandla.

7Ngiyakushonaphi ngibalekele uMoya wakho, ngicashephi ngibalekele ubuso
bakho na?

8Uma ngithi ngenyukela ezulwini, nakhu ukhona, noma ngingathatha ukhukho
lwami lokulala ngilwendlale kwelabafileyo, ukhona nalapho.

9Noma ngingathatha amaphiko ovivi, ngithathele ngesivinini sentathakusa,
ngihlale emajukujukwini emikhawulo yolwandle,

10nalapho-ke ngiyoholwa yisandla sakho, ngisingathwe ngesokunene sakho
nakhona le.

11Ukuba bengithi: “Ubumnyama abungigubuzele, nemini engikhanyisele
igwinywe ngubusuku! ” —

12phinde, ngisho nobumnyama kabumnyamele wena, ubusuku bunjengemini
engenamayezi, ubumnyama nokukhanya kufana nse.

13Nguwe owaphica izibilini zami, wangibumba esiswini sikamame.

14Ngiyakubonga Mvelinqangi owangidala ngendlela emangalisa kakhulu.
Imisebenzi yakho iyababazeka, ngikwazi kahle kamhlophe lokhu.

15Amathambo ami ayengasithakele kuwe mhla lowo ngidalwa ekusithekeni,
ngibunjwa ngobuciko ezinzulwini.

16Iso lakho langibona ngiseyihlule. Encwadini yakho wagcina umlando wezinsuku
zami zonke engazimiselwayo lungakafiki nolulodwa lwazo.

17Mvelinqangi, imicabango yakho iyimpicabadala kimi, umumo wayo ngeke
wabalwa.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

18Ukuba bengingayibala ibingangidida ingaphezu kwezihlabathi zolwandle; uma sengisanguluka ngiyoba ngisenawe.

19Nkulunkulu, sengathi ungabhubhisa izonakali, izinswelaboya ziqhele kimi,

20laba abakuhlambalazayo bemelana nawe bekhuluma okuyize ngegama lakho.

21Angibazondi khona labo abakuzondayo! Ngiyabenyanya abamelene nawe Simakade.

22Ngibazondela ukufa nokuphila, kimi bayizitha nje kwaphela!

23Somandla yihlole inhliziyo yami, ungivivinye, wazi nemicabango yami,

24ubone ingabe ngisendleleni enengozi yini, ubusungihola ngendlela engunaphakade!

AmaHubo 140

Elokucela ukuvikelwa ezidloveni

Elethulwe kumculisi; ihubo likaDavide.

1Ngisindise Simakade kubantu ababi, ngihlenge kubantu abayizidlova

2abanhliziyo zabo zihlosa ububi, bephehla udwishi lwempi njalo.

3Ulimi lwabo lubukhali okolwenyoka, amazwi abo ayisihlungu sebululu. *Kunekhefu*

4Ngivikele ezandleni zezonakali, ngihlenge Nkosi yami kwabayizidlova abasophe ukungikhela izinyawo ngiwe!

5Abaziqhayisayo bangithukusele ugibe nce bangibhabhe ngesihibe sezintambo; bangibophele amafindo endleleni. *Kunekhefu*.

6Ngikhuleka kuwe Simakade ngithi: “Nguwe uSomandla uNkulunkulu wami.” Beka indlebe ungizwe Nkosi yami lapho ngikhala kuwe ngicela umusa!

7Simakade Nkosi yami, wena mhlengi wami onamandla, uvikela ikhanda lami ngesihlangu msukwana ibambene ngezihluthu.

8Simakade ungavumi ukuba kuphumelele izinhloso nosongo lwezikhohlakali hleze bazigabise bathwale amehlo. *Kunekhefu*.

9Amakhanda alababantu abangihaqileyo awagibekelwe ngububi ababucebayo!

10Baqulelwe ngamalahle avutha umlilo, baphoswe kwalasha, bangabe besaphuma!

11Abagxibhayo abashaywe ngumhlaba, izidlova zijongwe ngamashwa zichithwe!

12Ngazi kahle ukuthi wena Simakade uyabamela abacindezelweyo odabeni, umele amalungelo ezimpofana.

13Impela abalungileyo bodumisa igama lakho, abaqotho bahlale phambi kobuso bakho.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

AmaHubo 141

Elokucela ukulondolozwa nokuhlengwa ebubini

Ihubo likaDavide.

1Ngiyazikhalela kuwe Simakade, ngizwele, uphuthume ungisize, ubeke indlebe ulalele ukunxusa kwami!

2Yamukela umkhuleko wami owenyukela kuwe, uthunqe njengesisi sempepho esikhuphukayo, ukuphakamisa kwami izandla ngikhuleka kube sengathi umhlatshelo wakusihlwa!

3Ngalusele ulimi lwami Simakade, ulubekele ugqayinyanga aluqaphe nce ngingaphimisi mazwi amawala.

4Inhliziyo yami ayingagebeli ebubini, ingajwayeli ukwenza inkohlakalo, ngingabi mdibi munye nezigilamkhuba, ngingadli zibiliboco zamadili abo!

5Umuntu olungileyo akangishaye angijezise eqhutshwa uthando, lokhu kunjengomfuma ekhanda, angingawenqabi umgcobo onjalo! Umkhuleko wami uyokuma njalonjalo umelane nemisebenzi yezigilamkhuba.

6Abaholi babo bayophoswa kwankatha, bakhalakathele eweni kwatotololo, kuyilapho beyokhanyelwa ukuthi engakushoyo kufanele ukwamukelwa.

7Amathambo ethu ahlakazekile, achitheka eceleni kwamaliba njengomlimi eqatha eqebekula umhlabathi.

8Ngibheke kuwe Simakade Nkosi yami, siphephelo sami ngivikele ngingafi, lingachithwa igazi lokuphila kwami,

9ungichushise ogibeni abangicuphe ngalo nasemafindweni engiwaboshelwe zigilamkhuba!

10Izonakali azibhabheke ezihibeni zazo, kepha mina ngiphephe nokuphepha!

AmaHubo 142

Elokucela ukusizwa ezinhluphekweni

Inkondlo enesifundo akhuleka ngayo uDavide lapho esemgedeni.

1Ngiphakamisa izwi ngikhala kuSimakade, ngiphakamisa izwi nginxusa uSimakade.

2Ngethula kuye izikhalo zami, ngimenekela izinhlupheko zami zonke.

3Nalapho umoya wami usudikibala kepha wena uyazazi izinyathelo zami. Izitha zami zingithukusele ugibe endleleni leyo engihamba ngayo.

4Ngibhekisisa ngakwesokunene sami, kodwa angitholi mngane ongimelayo, akukho ndlela engingaphunyuka ngayo, akakho onendaba nami nongikhathalelayo.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

5Ngiyakhala kuwe Simakade ngithi: “Nguwe isiphephelo engibalekela kuso, isabelo sami ezweni labaphilayo.”

6Lalela ukuqonga kwami ngikhala, ngidangele usizi ngiphela amandla, ngihlenge kulabo abangizingelayo; bayangehlula banamandla kunami.

7Ngikhulule ngilengela esiweni samanqe ukuba ngidumise igama lakho! Uquqaba lwabaqotho luyongihaqa lubona izicolo ongenzele zona.

AmaHubo 143

Elokucela ukukhululwa nokwelulekwa

Ihubo likaDavide.

1Simakade yamukela umkhuleko wami, ubeke indlebe lapho ngizincengela, ngiphendule wena othembekileyo, ngizwele ngenxa yokulunga kwakho!

2Ungayithethisi cala inceku yakho, esigcawini sakho akakho omsulwa.

3Isitha singizingelile sangifuna, singinqobile sangidovoza ngawuthuli, sangihlalisa ebumnyameni obuthe bhuqe njengalabo asebafa kudala emandulo.

4Umoya wami ngiwuzwa udangala, inhliziyo yami ngizwa idikibala.

5Ngikhumbula imihla yasemandulo, ngicabange ngakho konke owakwenzayo, ngizindle ngemisebenzi yezandla zakho.

6Ngelula izandla ngiziphakamisela kuwe, ngikomele njengomhlaba womele imvula. *Kunekhefu*.

7Phangisa Nkosi yami ungiphendule, ngoba umphefumulo wami uyayetha! Ungangincintshi amehlo ushalaze hleze ngitholakale ngimdibi munye kanye nalabo abathunyelwa kwagoqanyawo!

8Ngizwise uthando lwakho entathakusa, ngokubanini ngethembela kuwe, ungitshengise indlela engizoyithatha, ngoba ngiyethula kuwe inhliziyo yami.

9Simakade ngisindise ezitheni zami; kukuwe lapho ngibalekela khona.

10Ngifundise ukwenza intando yakho ngokuba wena unguNkulunkulu wami, uMoya wakho omuhle awungihole, ngihambe ngendlela ebekileyo!

11Londoloza ukuphila kwami Nkosi ukuba kudunyiswe igama lakho, ungikhiphe osizini wena Sokulunga!

12Ngenxa yesihe sothando lwakho lwafuthi bhubhisa labo abayizitha zami, ubachithe bonke abangikhathazayo, ngokubanini ngiyinceku yakho.

AmaHubo 144

Elokucela ukuhlengwa nokuphumelela

ElikaDavide.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[1]Akudunyiswe uSimakade idwala lami! Nguye ofundisa izandla zami ukulwa, ahlakaniphise iminwe yami empini.

[2]Nkosi ungumthombo wothando kimina, nguwena inqaba yami, inqaba yami ephakemeyo nomkhululi wami, isihlangu sami, ngibalekela kuwe. Ungithobisela abantu bami ngibabuse.

[3]Simakade, ubeyini umuntu ungaze wazi ngaye, owasemhlabeni ubeyini nje ukuba uzihluphe ngaye na?

[4]Umuntu unjengomoya oheleza udlule, imihla yakhe yedlula njengethunzi.

[5]Simakade, tshekisa umkhathi wezulu kwehle wena, uthinte izintaba zithunqe,

[6]ubaphonse ngemibani abafo badunguke, ubacibe ngemicibisholo yakho babhangazele!

[7]Yelula izandla zakho wena oPhezulu; ngihlwithe ungophule emsingeni, ungikhulule ezandleni zabafo

[8]abamlomo wabo ugcwele inkohliso, bafunga bagomele ngesokunene sabo, baqinise ngobufakazi bamanga.

[9]Mvelinqangi ngiyokuculela igama elisha, ngikubonge ngidlale ugubhu oluzintambo ziyishumi.

[10]Nguwe oyaye unqobise amakhosi, wasindisa uDavide inceku yakho, wamphephisa enkembeni yezitha ezinonya.

[11]Ngisindise ungophule emandleni abafokazi abamlomo wabo ugcwele inkohliso, bafunga bagomele ngesokunene sabo, baqinise ngobufakazi bamanga.

[12]Sengathi amadodana ethu angaba nesithombo esihle ebubhungwini bawo njengamaxhantela aphakemeyo, namadodakazi ethu afane nensika yetshe legumbi elibazelwe umuzi wenkosi!

[13]Izinqolobane zethu azigcwale isivuno sokudla okunhlobonhlobo, imihlambi yezimvu zethu ibe yizinkulungwane ngezinkulungwane, uchibidolo emaqeleni.

[14]Izinkabi zethu azisisinge, zisindwe yimithwalo yenala, kungangeni kwazitha zisithumbe kukhalwe ubungqayingqayi enkundleni yakithi.

[15]Sibusisiwe isizwe esihlezi kanjalo, yebo, sibusisiwe siyadela lesosizwe esiNkulunkulu waso nguSimakade.

AmaHubo 145

Elokubonga isisa namandla kaSimakade

Elendumiso likaDavide.

[1]Bayede Nkosi Nkulunkulu wami! Ngiyokubabaza wena ophakemeyo, ngibonge igama lakho ungunaphakade.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

2Imisuku namalanga ngiyokubabaza wena, ngidumise igama lakho ungunaphakade.

3Mkhulu uSimakade uyababazeka, ubukhulu bakhe bedlula ukuqonda komuntu.

4Izizukulwane zobikelana ngokwenzileyo; kuyofa abantu, kusale izibongo, zithethe imisebenzi yakho etusekayo.

5Ngiyozindla ngenkazimulo nesithunzi sakho nangemisebenzi emangalisayo oyenzileyo.

6Bayowancoma amandla ezenzo zakho, izenzo zakho ezinkulu ezesabekayo, nami ngiyolanda ngobukhulu bakho.

7Bayoshumayela ngesisa sakho esikhulu, bahlokome ngenjabulo ngokulunga kwakho.

8USimakade unomusa nesihawu, kumthatha kade ukuthukuthela, isihe sothando lwakhe sikhulu.

9USimakade ubenzela ubuhle bonke, uyakuzwela konke akudalileyo.

10Simakade, ziyokubonga zonke izidalwa zakho, abangcwele bakho bababaze wena,

11udumo lombuso wakho lube sematheni, bashumayele ngamandla akho amakhulu

12yikhona abantu emhlabeni wonke bezoyazi imisebenzi yakho yobuqhawe nenkazimulo nesithunzi sombuso wakho.

13Umbuso wakho ungumbuso waphakade, kuyofa abantu kusale ubukhosi bakho.

14USimakade uyabaphasa bonke abawayo, alulamise bonke abaqhothiswe usizi.

15Izidalwa zonke zikugqolozela ngethemba, uzipha ukudla ngesikhathi esifaneleyo,

16isandla sakho sifunza ngesihle, wesuthise ukulangazela kwezidalwa zonke

17USimakade ulungile ekwenzeni kwakhe konke, kukho konke akwenzayo unobubele.

18USimakade useduze nabakhala kuye, labo abakhala kuye ngeqiniso.

19Wenelisa izifiso zabamesabayo, abezwele ekukhaleni kwabo, abasindise.

20USimakade ulondoloza bonke abamthandayo, kepha abhubhise zonke izonakali.

21Ulimi lwami luyobongela uSimakade, igama lakhe elingcwele libongwe yizidalwa zonke phakade naphakade.

AmaHubo 146

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Elokubonga izenzo zokulunga zikaSimakade

1Haleluya, dumisani uSimakade! Dumisa uSimakade mphefumulo wami!

2Ngiyomdumisa uSimakade ngisesemhlabeni, ngimhubele uNkulunkulu wami ngisaphila.

3Ningethembeli ezikhulwini ezinibusayo nakowasemhlabeni ongenisize ngalutho!

4Umphefumulo wakhe uphuma maqede aphindele emhlabathini avela kuwo, ngalolosuku kuphele izinhloso zakhe.

5Ubusisiwe lowo olusizo lwakhe luvela kuSomandla uNkulunkulu kaJakobe, ethembele kuSimakade uNkulunkulu wakhe,

6uMvelinqangi owenza izulu nomhlaba nolwandle nakho konke okukhona. Ugcina isethembiso sakhe naphakade,

7abamele esigcawini abacindezelweyo, nalabo abalambileyo abaphe ukudla. USimakade ukhulula ababoshiweyo.

8USimakade uvula izimpumputhe zibone. USimakade ululamisa abaqhothiswe usizi. USimakade uthanda abalungileyo.

9USimakade ulondoloza abokufika, aphase izintandane nabafelokazi, kepha agwegwise indlela yababi.

10USimakade uyobusa ungunaphakade. Kuyofa abantu, kusale ubukhosi beNkosi uNkulunkulu wakho Ziyoni. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 147

IJerusalema malibonge izicolo zikaSimakade

1Haleluya, dumisani uSimakade! Kuhle ukubongela uNkulunkulu wethu, kumnandi, indumiso ifanele!

2USimakade uyalakha iJerusalema, aqoqe uIsrayeli ohlakazekileyo.

3Ududuza abanhliziyo zidabukile, abophe amanxeba abalimeleyo.

4Uwuhlela ngesu umumo wezinkanyezi, uzazi ngayinye amabizo azo.

5Inkulu iNkosi yethu, inguSomandla, ukuhlakanipha kwayo akunamkhawulo.

6USimakade uphakamisa abahluphekayo, izonakali aziqumbe othulini.

7Hubelani uSimakade nimbonge, nimdumise uNkulunkulu wethu ngezingubhu!

8Nguye owenza izulu lisibekele, line izihlambi zemvula emhlabeni, utshani buhlume bembese izintaba.

9Wondla izilwane ngokudla kwazo, afunze amaphuphu egwababa akhalayo.

10Akawajabuleli amandla enjomane, akathokozi ngejubane leqhawe.

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11USimakade uthokozela abamesabayo, abethemba isihe sothando lwakhe.

12Wena Jerusalema bonga uSimakade, dumisa uNkulunkulu wakho Ziyoni!

13Nguye oqinisa imigoqo yamasango akho, abusise abantabakho phakathi kwakho,

14imincele yakho ibe nokuthula, akusuthise nangokolweni omnandi.

15Ukhipha umyalo uye emhlabeni wonke, izwi lakhe lisheshe lifinyelele,

16akhithikise iqhwa elimhlophe qwa kulale isithwathwa njengomlotha weziko,

17asakaze isichotho sakhe njengezinhlamvu — ngubani ongamelana namakhaza akhe na?

18Abesekhipha umyalo wakhe kuncibilike, kuphephethe umoya wakhe, amanzi ageleze.

19Umemezela izwi lakhe kuJakobe, izimiso nezinqumo zakhe kuIsrayeli.

20Akazange aphathe nasinye isizwe kanje, izizwe kazizazi izinqumo zakhe. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 148

Konke okudaliweyo akubonge uSimakade

1Haleluya, dumisani uSimakade! Konke okusezulwini akudumise uSimakade, kumdumise ekuphakameni ezulwini!

2Mdumiseni nonke nina zingilosi zakhe, mdumiseni nonke nina beNkosi yamaviyo!

3Mdumise wena lilanga nawe nyanga, nani nonke zinkanyezi ezikhazimulayo!

4Mdumise lizulu elingaphezu kwezulu, nani manzi angalena kwesibhakabhaka!

5Konke akudumise igama likaSimakade owakhipha umyalo wakhe kwadaleka,

6wakumisa ngononina ngohlelo lwaphakade, wabeka umthetho okungasoze kwaweqa.

7Konke okusemhlabeni akudumise uSimakade! Mdumiseni nina mikhomo yasolwandle nani nonke zinzulu zozwa kwatotololo

8nomlilo nesangquma neqhwa nezinkwezane nomoya ovunguzayo ofeza isimiso sakhe!

9Mdumiseni nina zintaba namagquma onke nemithi ethelayo nemithi yonke yamahlathi!

10Mdumiseni zilwane zasendle nezifuywayo nezihuquzelayo nezinyoni ezindizayo!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

11Mdumiseni makhosi omhlaba nezizwe zonke nezikhulu nababusi bomhlaba wonke!

12Mdumiseni nina zinsizwa nezintombi, nimdumise nina maxhegu nabantwana!

13Bonke abadumise igama likaSimakade, yilo lodwa eliphakeme kunamanye! Ubukhosi bakhe bengamele umhlaba nezulu.

14Wavusela abantu bakhe uphondo losindiso ukuba abangcwele bakhe bamdumise, isizwe sakwaIsrayeli esiyigugu lakhe. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 149

Isizwe sakwaIsrayeli masibonge uSimakade

1Haleluya, dumisani uSimakade! Hayelani uSimakade ihubo elisha, nimdumise ebandleni labangcwele!

2MaIsrayeli thokozani ngomenzi wenu, nina baseZiyoni nethabe nikhuze ubayede,

3nidumise igama leNkosi ngokuyisinela, niyihubele nishaye izigubhu nezinqwabe!

4USimakade uyathakasa ngabantu bakhe; abahluphekayo ubahlobisa ngosindiso.

5Akuthokoze abangcwele ekunqobeni kwabo, bahlokome emikhosini yabo ngenjabulo.

6Amaphimbo abo awaphakamise uMvelinqangi, esandleni bahlome ngenhlendla ebukhali.

7Bayophindisa kwabezizwe, izinhlanga zithole ukujeziswa ngabo.

8Amakhosi azo ayoboshwa ngamaketango nezikhulu zazo ngemichilo yosinga.

9Kuyogcwaliseka isinqumo sombhalo wakhe, kube udumo kwabangcwele bakhe bonke. Haleluya, dumisani uSimakade!

AmaHubo 150

Haleluya, dumisani uSimakade!

1Haleluya, dumisani uSimakade! Dumisani uMvelinqangi endlini yakhe engcwele, mdumiseni esibhakabhakeni samandla akhe!

2Mdumiseni ngemisebenzi yakhe etusekayo, mdumiseni ngoba uyesabeka ngobukhulu!

3Mdumiseni nikhalise uphondo lwenqama, mdumiseni nibethe uqwabe nomqangala!

4Mdumiseni nishaye isigubhu nimgidele, mdumiseni nibethe ugubhu nomtshingo!

5Mdumiseni nikhencezise okhencekhence, mdumiseni nincencethise okhencekhence!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

[6]Konke okuphefumulayo akudumise iNkosi! Haleluya, dumisani uSimakade!

© 1986 Bible Society of South Africa. Used by permission. All rights reserved.

Esclarecimento

Trata-se de iniciativa particular, com os seguintes objetivos: (i) colaborar para divulgação dos diversos textos bíblicos disponíveis, e, (ii) facilitar o acesso a esses textos, inclusive por meio de download.

Todo esforço em tornar a Palavra de Deus acessível a todos, em quaisquer localidades e falantes das mais diversas línguas, precisa ser um objetivo de todos os que são guiados pelo Espírito Santo. Ele inspirou o profeta Jeremias a dizer "não ensinará jamais cada um ao seu próximo, nem cada um ao seu irmão, dizendo: Conhece ao SENHOR, porque todos me conhecerão, desde o menor até ao maior deles, diz o SENHOR" (Jer. 31:34).

Jesus, também, falou assim: "e será pregado este evangelho do reino por todo o mundo, para testemunho a todas as nações" (Mat. 24:14).

Muitas organizações foram constituídas com o propósito de fazer a Bíblia disponível nas diversas línguas. Não é uma tarefa simples. Anos de trabalho, dedicação e entrega são necessários para esta tão extraordinária missão.

O texto deste trabalho está disponível na internet, em páginas eletrônicas de organizações que produzem ou divulgam bíblias, sem acréscimos de notas ou comentários. Assim, reconhecendo e respeitando os direitos que possuem sobre seus trabalhos, incumbe a todos os que amam a Palavra de Deus, o esforço em contribuir para amplificar sua divulgação.

Se possível, faça download do texto, para que sejamos, também, guardiões da Bíblia, e, com isso, preservando-a para as futuras gerações.

Divulga a Palavra de Deus, ela mostra o Caminho e permite a todos, que se conheça Sua vontade, em todos os lugares e épocas.

Marcel da Glória Pereira

2021, Vitória/ES - Brasil

Capa: Floresta em Região Tropical. Trata-se de imagem disponibilizada na internet, dentre as que não informam haver restrição ao uso.